ZULU LANGUAGE - CATECHISM
Wanger, Willibald, O.C.R.

Zulu
34

Imfundiso yeBandhla eliKatolike

Yabhalwa

uRev. Willibald Wanger

Yacindezelwa emTshinini was'emHlatuzane
1912

Duquesne University



Duquesne University Library
African Collection

Digitized by the Internet Archive
in 2010 with funding from
Lyrasis Members and Sloan Foundation

https://archive.org/details/imfundisoyebandh00wikk



Imfundiso yeBandhla elikatolike.

Teaching of the Catholic Church (Catechism)



Yabhalwa

uRev. Willibald Wanger.

Yacindezelwa emTshinini was'emHlatuzane (Mariannhill)
1912.

DUQUESNE UNIVERSITY LIBRARY
PITTSBURGH 19, PA.

BX1966
Z8
W3x



Cum liber, cui titulus "Imfundiso yeBandhla elikatolike", jam juxta S. Congregationis præscripta emendatus fuerit, prout Nos a duobus bonæ fidei censoribus certiores facti sumus, eundem librum sic emendatum venum iri permittimus, eo tamen pacto, ut ejus usus Missionariis ac Presbyteris exclusive reservetur.

Datum apud Durban
die 29. Aprilis 1915.

✠ *H. Delalle O. M. I.*
Vic. Ap. Natalensis

238
W246
Afr. Coll.

Imitandazo yemihla ngemihla.

Isipambano.

Ngegama lika'Yise † benenDodana noMoya ocwebileyo. Amen.

'Baba wetu.

'Baba wetu os'ezulwini, malipatwe ngobungcwele igama lako, umbuso wako maufike, intando yako mayenziwe emhlabeni njengas'ezulwini. Sipe namhla isinkwa setu semihla ngemihla, usitetelele izono zetu njengoba nati sitetelela abas'onayo, ungasidedeli silingwe, usisindise k'okubi. Amen.

E! 'Maria.

E! 'Maria, wena ogcwele ixotsho, inKosi inawe, uhlahlamelisiwe wena esifazaneni, ihlahlamelisiwe nenzalo yesisu sako, uJesu. 'Maria ocwebileyo, 'Nina ka'Nkulunkulu, mausikulekele tin' ab'onayo kaloku nas'esikatini sokufa kwetu. Amen.

Ukudumisa ubuTatu.

Udumo alube ku'Yise benenDodana noMoya ocwebileyo, njengoba kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo namanje, kuyakuba njalo sonk' isikati napakade. Amen.

Ukudumisa uJesu.

'Madunyisw' uJesu 'Kristo kuze kube pakade. Amen.

Umvumokolo wabApostole.

Ngiyakolwa ku'Nkulunkulu uYise, umNini'mandhla onke, umDali wezulu nomhlaba, naku-'Jesu 'Kristo, inDodana yake eyodwa, inKosi yetu, owamitwa ngoMoya ocwebileyo, wazalwa l'iVirigo*) uMaria, wahlutshwa kubusa uPonsius uPilatus, wanqanyulezwa, wafa, w'embelwa, w'ehla waya kwabapansi, ngosuku lwesitatu wabuya wavuka kwabafileyo, w'enyuka waya ezulwini, uhlezi kwesokunene sika'Nkulunkulu uYise, umNini'mandhla onke, lapo eyakuvela kona azoteta amacala abasekona nasebafa. Ngiyakolwa ku'Moya ocwebileyo, ngiyakolwa nokuti kukona iBandhla eliy'ingcwele elikatolike, ukuhlangana kwabacwebileyo, ukutetelelwa izono, ukuvuka kwenyama, nokupila kwapakade. Amen.

Imiteto el'i10 ka'Nkulunkulu.

1. Mina ngiy'inKosi uNkulunkulu wako; ungabi naonkulunkulu abanye ngapandhle kwami!
2. Ungalipateli ize igama lika-'Nkulunkulu!
3. Kumbula ukwenza isabbata usuku oluy'ingcwele!
4. Y'azisa uyihlo nonyoko, yikona uyakuhlala kahle, uhlale isikati eside futi emhlabeni!
5. Ungabulali!
6. Ungapingi!
7. Ung'ebi!
8. Ungamfakazéli amanga umakelwane wako!

*) NgesiZulu kutiwa: wazalwa y'inCasakazi uMaria.

APR 28 1971

UKonfiteor.

Ngiyavuma ku'Nkulunkulu, umNini'mandhla onke, naku-'Maria ocwebileyo ol'iVirigo*) njalo, naku'Mikael ocwebileyo, iNgelos' enkulu, naku'Johannes ocwebileyo umBapatizi, naku-'bApostole abacwebileyo, uPetrus noPaulus, nas'eziCwetshisweni zonke, nakuwe, 'baba, ukuti ng'onile nokwona ngokucabanga, ngokukuluma, nangokwenza: ku-l'icala lami, l'icala lami, l'icala lami elinzima. Ngako-ke ngincenga uMaria ocwebileyo ol'i-Virigo*) njalo, noMikael ocwebileyo, iNgelos'enkulu, noJohannes ocwebileyo umBapatizi, nabApostole abacwebileyo, uPetrus no-Paulus, neziCwetshiswa zonke, nawe, 'baba, ukuba ningikulekele enKosini, uNkulunkulu wetu.

Ukuzisola ngezono.

'Nkulunkulu! 'Baba! 'NKosi! Ngiyazisola ngenhliziyo yonke ngokuba ngizivalele izulu, ngizivulele isihogo, ng'one wena, umNinimina, uBaba, umSindisi, umCwebisi wami. Sengozama nokuzama impela ukuba, ngiti ngisizwa uwe, ngiyeke, ngixwaye ukwona nokungang'onisa. Ngitetelele, 'Baba, 'nKosi!

Amaxotsho a'si7 oMoya ocw.

1. Ukuhlakanipa.
2. Ukuqonda.
3. Ukululekwa.
4. Ukukalipa.
5. Ukwazi.
6. Ukulunga.
7. Ukwesaba inKosi.

Izinhlanhla ezi8

zis'epejini 414 ku'*number* 697.

Imisebenzi e'si7 yokusiza umuntu ngokwomzimba, okutiwa eyomhau

is'epejini 414 ku'*number* 695.

Imisebenzi e'si7 yokusiza umuntu ngompefumulo, okutiwa eyomhau

is'epejini 414 ku'*number* 696.

Izilungo ezi'si7 okutiwa ng'ezizalayo

zis'epejini 413 ku'*number* 691.

Izono ezi'si7 okutiwa ng'ezizalayo

zis'epejini 413 ku'*number* 690.

Izono ezil'i9 okutiwa ng'ezokwonisa nokwonisana

zis'epejini 414 ku'*number* 694.

Umtandazo wokuvuka.

Ngegama lika'Yise † benenDodana noMoya ocw. Amen.

'Nkulunkulu wami! **Ngiyakolwa** kuwe, loku uyiso isiminya sapakade esingepambeke. 'Nkulunkulu wami! **Ngiyatemba** kuwe, loku uyiwo umusa ongakauki 'ndawo, utembekile futi nokutembeka. 'Nkulunkulu wami! **Ngiyakutanda,** loku ul'uqobo lwobuhle notando; ngenxa yako ngiyamtanda nomakelwane njengoba ngizitanda.

'Nkulunkulu, 'Baba, 'nKosi! Ngizobonga ngokuba ungilondoloze ebusuku. Ng'uwe ongipe usuku lwanamhla, ngako-ke ngitand' ukuba ngilugcinele wena ngokuba konke engizausuka ngikucabange, ngikufise, ngikukulume, ngikwenze, ngiza-

*) NgesiZulu kutiwa: oy'inCasakazi njalo.

ukwenzela ukudumisa nokutanda wena. E! Nokuhlupeka okungangivelela namhla, ngokubekezela ngenxa yako, ngihlaule ngako izono engaz'enza. Ngitand' ukuzuza zonke iziyekelo ezizuzeka ngemitandazo nemisebenzi yami yanamhla; lezo engizauzizuza ngempela, uMaria ocwebileyo akaz'abele imipefumulo yas'esihlanzweni ngokubona kwake.

'Baba! 'NKosi! Y'into inye emelene nesibomu sami esihle, izono. Esengaz'enza, ngiyazisola ngazo impela. Namhla-ke ngozama nokuzama ukung'enzi 'sono, ikakulu leso esitand' ukungibuyela njalo. Nanjengoba ixotsho lako lingengisize uma ngingasebenzisani nalo, sengati ungangixotshisa nelokuba ngisebenzisane ngempela nawo onke ozaungisiza ngawo namhla.

E! 'MNini'musa wonke! Ngikulekela bonke engifanele ukubakulekela, noma besekona noma sebafa. 'NKosi, tambela izoni, nabo bonke abasengapandhle kweBandhla lako!

'Baba wetu. E! 'Maria. Ngiyakolwa.

'Mame! 'MNinimina! Ngiyaz'etula kuwe, lwonke uqobo lwami; ukuba-ke kubonakale impela ukuti ngiy'isetulo sako, ngiy'etula kuwe namhla amehlo ami, îndhlebe zami, umlomo wami, inhliziyo yami, noqobo lwami lwonke. Njengaloku senging'owako, 'Mame omnene, sal'us'ungilonda njengento nempahla yako.

'Ngelosi ecwebileyo ka'Nkulunkulu, 'mLondolozi wami! Njengoba Opezulu ngesihe sake ete: ngogcinwa uwe, ak'ungikanyisele, ungilonde, ungipate, ungibuse. Amen.

'ZiCwetshiswa zonke, ikakulu nina engite anibe abaMeli bami, nginxuseleni ku'Nkulunkulu ukuba ngilungise okwenu.

("Ingelosi yenKosi" kumbe "'NKosikazi yezulu".)

Aisihlahlamelise, isilonde inKosi enomhau, umNini'mandhla onke: uYise † benenDodana noMoya ocwebileyo. Amen.

Ingelosi.

Ingelosi yenKosi y'azisa uMaria, waes'emita ngoMoya ocwebileyo. E! Maria . . .

Waes'eti uMaria: Nas' isigqila senKosi! Akwenzeke kimi njengokutsho kwako. E! 'Maria . . .

IZwi laba inyama, lahlala pakati kwetu. E! 'Maria . . .

V. 'Mzali ocwebileyo ka'Nkulunkulu, sikulekele.

R. Ukuze sifaneliswe esikutenjiswe ng'uKristo.

Asikuleke! Siyancenga, 'nKosi, tela ixotsho lako ênhliziyweni zetu, kona soti, njengoba ngokubika kwengelosi siqonde ukuti uKristo, inDodana yako, waz'enza umuntu, sike sitoliswe ubukosi, obutolakala ekuvukeni, ngokuhlutshwa nokunqanyulezwa kwake. Sikucela ngaye uKristo, inKosi yetu. Amen.

'NKosikazi yezulu.

(Ngenkati yepasika).

'NKosikazi yezulu, y'etaba!
Alleluya!
Ngoba lowo, owafanela ukummita, Alleluya!
Uvukile njengoba waetshilo.
Alleluya!
Sikulekele ku'Nkulunkulu.
Alleluya!

V. Tokoza, wetabe, 'Virigo[1]) 'Maria! Alleluya!

R. Ngoba inKosi ivukile impela. Alleluya!

Asikuleke! 'Nkulunkulu, wena owatanda ukutokozisa umhlaba ngokuvuka kwenDodana yako, inKosi yetu, uJesu 'Kristo, siyakuncenga, y'enza ukuba ngomZali wayo, iVirigo[2]) uMaria, sifumane întokoziso zokupila kwapakade. Sikucela ngaye uKristo, inKosi yetu. Amen.

Imitandazo yas'emva kwemissa.

E! 'Maria, wena ogcwele ixotsho, inKosi inawe, uhlahlamelisiwe wena esifazaneni, ihlahlamelisiwe nenzalo yesisu sako, uJesu. 'Maria ocwebileyo, 'Nina ka'Nkulunkulu, mausikulekele tin'ab'onayo kaloku nas'esikatini sokufa kwetu. Amen.

Kupindwa katatu, besokutatwa:

E! 'NKosikazi, 'Nina womhau! E! 'Mpilisi nomenamisi netemba letu! Siyalengezela kuwe tin' abaka'Eva esibandhlululiwe, siyalingozela wena, sibubula, sikala kulesi 'sigodi sezinyembezi. Ngako-ke, wena 'mMeli wetu, yihl' upendulele amehlo ako omhau ngakitina; kuze kuti, ukupela kwokubandhlululwa kwetu, usibonise uJesu, inzalo ehlahlamelisiweyo yesisu sako, wena 'Maria, 'Virigo[3]) elimnene, elinesisa, elimnandi.

V. 'MZali ocwebileyo ka'Nkulunkulu, sikulekele.

R. Ukuze sifaneliswe esikutenjiswe uKristo.

Asikuleke! 'NKulunkulu, Wena 'nqaba namandhla etu, aubeke ngomusa abantu bako bezikalela kuwe; ngokusikulekela kuka'Maria, umZali ka'Nkulunkulu, iVirigo[4]) elidumile elinganindekile, benoJosef ocwebileyo, umyeni wake, nabApostole bako abacwebileyo, uPetrus no-Paulus, nazo zonke iziCwetshiswa, uvume ngomhau nangesihle nesikucelayo, ukupenduka kwab'onayo belu nokukululeka nokupakama kuka'Mame ol'iBandhla eliy'ingcwele. Sikucela ngaye uKristo inKosi yetu.

R. Amen.

'Mikael ocwebileyo, 'Ngelosi enkulu, sivikele ekulweni kwetu, usihlangulise ebubini nas'ezitiyweni zika'satana; siyancenga siguqile, uNkulunkulu akamyale; wena-ke, 'nduna yempi yas'ezulwini, ngamandhla ka'Nkulunkulu ubaponse esihogweni

---

[1]) NgesiZulu kutiwa: Tokoza, wetabe, 'nCasakazi . . .—[2]) umZali wayo, inCasakazi.—[3]) wena 'Maria, 'nCasakazi emnene, enesisa, emnandi.—[4]) umZali ka'Nkulunkulu, inCasakazi edumile, enganindekile.

osatana neminye imimoya emibi ezulazula emhlabeni, izulela ukububisa imipefumulo yabantu.

R. Amen.

Besokutatwa katatu:

V. 'NHliziyo ey'ingcwele cwe ka'Jesu!

R. Sihaukele!

Imitandazwana yas'emva kwesiHlahlameliso.

Akababazeke uNkulunkulu!

Alibabazeke igama lake eliy'ingcwele!

Akababazeke uJesu 'Kristo ong'uNkulunkulu ong'uye nomuntu ong'uye!

Alibabazeke igama eliy'ingcwele lika'Jesu!

Aibabazeke inHliziyo yake ey'ingcwele cwe!

Akababazeke uJesu es'eSakramenteni eliy'ingcwele cwe las'elatini!

Akababazeke uNina opakemeyo ka'Nkulunkulu, uMaria ocwebe cwe!

Akubabazeke ukumitwa kwake okuy'ingcwele okunganindekile!

Alibabazeke igama lika'Maria oti eng'umZali abe l'iVirigo!*)

Akababazeke uNkulunkulu abatshazwe iziNgelosi neziCwetshiswa zake!

Imitandazo yokudhla.

Emifutshane.

Sekuzaudhliwa.

Ngegama lika'Yise † . . .

Asikuleke! Ausihlahlamelise, 'nKosi, uhlahlamelise naloku esikupiwe uwe, esesizaukwamukela kuwe wena opanayo. Sikucela ngoJesu 'Kristo, inKosi yetu. Amen.

Ngegama lika'Yise † . . .

Sekudhliwe.

Ngegama lika'Yise † . . .

'Nkulunkulu, 'mNini'mandhla onke, siyabonga kuwe ngako konke okuhle okwenza kitina, Wena opila, obusa izikati ngezikati. Amen.

Ngegama lika'Yise † . . .

Emidana.

Sekuzaudhliwa.

Ngegama lika'Yise † . . .

Amehlo abo bonke abeke wena, 'nKosi; nembala uyabanik' ukudhla ngesikati esiyiso. Uvule isandhla sako, usutise ngenhlanhla konke okuzwayo.

Udumo alube ku'Yise benenDodana noMoya ocw., njengoba kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo namanje, kuyakuba njalo sonk' isikati napakade. Amen.

'NKosi, sihaukele! 'Kristo, sihaukele! 'NKosi, sihaukele!

'Baba wetu . . . usisindise k'okubi.

Asikuleke! Ausihlahlamelise, 'nKosi, uhlahlamelise naloku esikupiwa uwe, esesizaukwamukela kuwe Wena opanayo. Sikucela ngoJesu 'Kristo, inKosi yetu. Amen.

Ngegama lika'Yise † . . .

Sekudhliwe.

Ngegama lika'Yise † . . .

'Nkulunkulu, 'mNini'mandhla onke, siyabonga kuwe ngako

*) NgesiZulu kutiwa: oti eng'umZali abe y'inCasakazi.

konke okuhle okwenza kitina, Wena opila, obusa izikati ngezikati. Amen.

Udumo alube ku'Yise . . .

'NKosi, sihaukele! 'Kristo, sihaukele! 'NKosi, sihaukele!

'Baba wetu . . . usisindise k'okubi.

'NKosi, bonke abasisizayo b'enza okuhle kitina ngenxa yegama lako, ake ubakokele ngokubahlalisa lapo kukona ukupila kwapakade. Amen.

Imipefumulo yamakolwa asafa, ngomusa ka'Nkulunkulu aipumule ngobuhle. Amen.

Ngegama lika'Yise † . . .

Umtandazo wokulala.

Ngegama lika'Yise † benenDodana noMoya ocw. Amen.

'Nkosi! 'Baba! Ngiyabonga kuwe ngako konke okuhle osowangipa kona selo ngazalwa, ikakulu ngoba wangixotshisa ixotsho elicwebisayo, wang'enza oweBandhla lako eliyilo. Nanamhla ung'enzele okuhle okuninginingi, ngitsho nengingakwazi nje. Mina-ke, nakuba bengite, angiyikukwona namhla, ng'enze noko okungekuhle kuwe.

Zana, 'Moya ocwebileyo, ngikanyisele ngize ngikumbule, ngibone izono zami. Hlaba inhliziyo yami, ize izisole ngazo impela. Yivuse yona, ize iti, kaisafuni ukwona nakanjani.

(Ukutitinya izono, ungakumbula lapo uye kona, nalapo uhlale kona, nalapo usebenze kona, uze ubone ukuti wenze njani lapo, ukucabanga, ukunqwenela, ukukuluma, nokwenza kwako.)

'Nkulunkulu! 'Baba! 'NKosi! Ngiyazisòla ngenhliziyo yonke ngokuba ngizivalele izulu, ngizivulele isihogo, ng'one Wena umNinimina, uBaba, umSindisi, umCwebisi wami. Sengozama nokuzama impela ukuba, ngiti ngisizwa uwe, ngiyeke, ngixwaye ukwona nokungang'onisa. Ngitetelele, 'Baba, 'nKosi! E! Ngiyatsho, ngiti, la ngitole isono esibubisayo, ngotshetsha ngivume.

Ukufa, ngiyakufa; kodwa kang'azi noma ngiyakufa nini, noma kanjani, noma ngiyakufelapi. Y'into inye engiy'aziyo, ukuti: uma, ukufa kwami, nginesono esibubisayo, ngobuba, ngingaze ngasinda nanini. 'Maria ocwebileyo, 'Nina ka'Nkulunkulu, maungikulekele kaloku nas'esikatini sokufa kwami. Amen.

Kumbula, 'Maria, 'Virigo[1]) elinesisa kakulu, ukuti akuzange kuzwakale napakade ukuti kukona owake wadelwa uwe, ebalekela enqabeni eng'uwe, ekuncenga ukuba umputume, ekunxusa ukuba umkulekele. Mina-ke, ngiti ngisuswa itemba elinjalo, ngiyakauleza ngiza kuwe, 'Virigo emavirigweni,[2]) ngiza kuwe, 'Mame. Sengimi pambi kwako ngilingoza mina

[1]) NgesiZulu kutiwa: 'Maria, 'nCasakazi enesisa kakulu.—
[2]) kuwe, 'nCasakazi emancasakazini.

'soni. E! 'Nina weZwi, ungawadeleli amazwi ami, qa, uw'ezwe ngesihe, uze uvume nengikucelayo. Amen.

'Ngelosi ecwebileyo ka'Nkulunkulu, 'mLondolozi wami! Njengoba Opezulu ngesihe sake ete: ngogcinwa uwe, ak'ungikanyisele, ungilonde, ungipate, ungibuse. Amen.

'Baba was'ezulwini, hlahlamelisa bonke engifanele ukubakulekela.

'NKosi, bonke abasisizayo b'enz' okuhle kitina ngenxa yegama lako, ake ubakokele ngokubahlalisa lapo kukona ukupila kwapakade. Amen.

'NKosi, imipefumulo yamakolwa asafa uyipumuze umpumulela wafuti, nokukanya kwapakade kuyikanyele, aipumule ngobuhle. Amen.

Aisihlahlamelise, isilonde inKosi enomhau, umNini'mandhla onke: uYise † benenDodana noMoya ocwebileyo. Amen.

Izimfihlo zerosari.

Indhlela yokuqala.

la imfihlo itshiwo kuyilowo nalowo "E! 'Maria."

Ekuqaleni kutiwa:

1. . . . uJesu, esiti, akas'andisele ukolo.
2. . . . uJesu, esiti, akaqinise itemba letu.
3. . . . uJesu, esiti, akabase umlilo wotando ênhliziyweni zetu.

Irosari lokujabula.

Eshumini

1. uJesu, owammita ngoMoya ocwebileyo.
2. uJesu, owaummiti uhambela ku'Elizabeth.
3. uJesu, owamzalela eBethlehem.
4. uJesu, owametula etempeleni.
5. uJesu, owamtola etempeleni.

Irosari lokuhlupeka.

1. uJesu, owajuluk' igazi ngenxa yetu.
2. uJesu, owatshaywa ngenxa yetu.
3. uJesu, owaqeliswa ngameva ngenxa yetu.
4. uJesu, ow'etshata unqamlezo ngenxa yetu.
5. uJesu, owanqanyulezwa ngenxa yetu.

Irosari lobukosi.

1. uJesu, owavuka kwabafileyo.
2. uJesu, ow'enyuka waya ezulwini.
3. uJesu, owasitumela uMoya ocwebileyo.
4. uJesu, owakwenyusela ezulwini.
5. uJesu owakuqelisela ezulwini.

Indhlela yesibili,

la imfihlo itshiwo ekuqaleni kwayilelo nalelo'shumi kupela nje.

Irosari lokujabula.

1. UMaria wammita uJesu ngoMoya ocwebileyo.
2. UMaria wat'emmiti uJesu wahambela ku'Elizabeth.
3. UJesu wazalwa eBethlehem.
4. UJesu w'etulwa etempeleni.
5. UJesu watolwa etempeleni.

Irosari lokuhlupeka.

1. UJesu wajuluka igazi.
2. UJesu watshaywa ngezixa zeziswebu.
3. UJesu waqeliswa ngameva.
4. UJesu w'etshata unqamlezo.
5. UJesu wanqanyulezwa.

Irosari lobukosi.

1. UJesu wavuka kwabafileyo.
2. UJesu w'enyuka waya ezulwini.
3. UJesu wasitumela uMoya ocwebileyo.
4. UJesu wamenyusela uMaria ezulwini.
5. UJesu wamqelisa uMaria ezulwini.

Umtandazo wokuzamela abafileyo.

(Isihlabelelo 129.)

'NKosi, ngilengezela kuwe ngis'olontweni; yizwa izwi lami, 'NKosi.

Bek' indhlebe ezwini lokuncenga kwami.

'NKosi, uma ub'unaka izono, ng'ubá ob'ezakuma, 'nKosi?

Kepa-ke kukona kuwe ukuxoliselwa; ngenxa yomteto wakoke ngibeke wena, 'nKosi.

Umpefumulo wami usaqinisele ngenxa yezwi layo, umpefumulo wami utemba enKosini.

Akuti, kutatela emlindweni was'ekuseni kuze kube s'ebusuku, uIsrael atembe enKosini.

Lokupela kukona umhau enKosini, kukona kuyo ukusindiseka okucicimayo.

Yona-ke iyakusindisa uIsrael ezonweni zake zonke.

V. 'NKosi, bapumuze umpumulela wafuti.

R. Nokukanya kwapakade kubakanyele.

V. Mabapumule ngobuhle.

R. Amen.

V. 'NKosi, ngivumele engikucelayo.

R. Nokukala kwami kufike kuwe.

Asikuleke! 'Nkulunkulu, 'mDali nomSindisi wamakolwa onke, tetelela imipefumulo yabantu bako besilisa nabesifazana onke amacala ayo: kona koti, ngokukulekelwa ngomusa, ifumane ehleze ikufisa, ukuyekelwa pela inhlaulo. Sikucela kuwe opila, obusa izikati ngezikati.

R. Amen.

V. Abapumule ngobuhle.

R. Amen.



Ukucazwa kwamagama anqunyiweyo ezincwadi zenCwadi ey'ingcwele (iBaibele).
(Ukulandelana kwazo kufumaniseka emapejini 164—165.)

Amagama anqunyiweyo	NgesiZulu	NgesiNgisi	NgokwamaProtestante
Abd.	incwadi ka'**Abdias**	the book of Abdias	uObadia
Ag.	**izAga**	Proverbs	Amazwi ahlakanipileyo
Agg.	eka'**Aggeus**	the book of Aggeus	uHagai
Am.	eka'**Amos**	the book of Amos	uAmosi
Amb.	**isAmbulo** sika'Johannes	the Apocalypse	Isambulo
Bar.	eka'**Baruk**	the book of Baruch	–
Dan.	eka'**Daniel**	the book of Daniel	uDanyeli
Ef.	incwadi ebalelwe abas'e**Efesus** ..	Epistle to the Ephesians	AbaseEfesu
Enz.	incwadi **yokwEnza kwabApostole** ..	Acts	Imisebenzi
1. Esd.	eyoku1 ka'**Esdras**	1st book of Esdras	uEzra
2. Esd.	eyesi2 ka'**Esdras** kumbe eka'Nehemias	2nd book of Esdras, or the book of Nehemias	uNehemia
Esth.	eka'**Esther**	the book of Esther	uEstere
Ez.	eka'**Ezekiel**	the book of Ezechiel	uHezekeli
Fil.	incwadi ebalelwe abas'e**Filippi** ..	Epistle to the Philippians	AbaseFilipi
Filem.	incwadi ebalelwe **uFilemon** ..	Epistle to Philemon	uFilemone
Gal.	incwadi ebalelwe abas'e**Galatsia** ..	Epistle to the Galatians	AbaseGalatea
Hab.	eka'**Habakuk**	the book of Habacuc	uHabakuki
Heb.	incwadi ebalelwe **amaHeberu** ..	Epistle to the Hebrews	AmaHeberu

Amagama anqunyiweyo	NgesiZulu	NgesiNgisi	NgokwamaProtestante
Hlab.	**eyeziHlabelelo**	the book of Psalms	Izihlabelelo
Hlak.	**eyokuHlakanipa**	the book of Wisdom	—
Hub.	**iHubo emahubweni**	Canticle of canticles	Isihlabelelo sika'Solomo-[na
Is.	eka'**Isaias**	the book of Isaias	uIsaya
Jak.	incwadi ka'**Jakob**	Epistle of St. James	Incwadi ka'Jakobe
Jer.	eka'**Jeremias**	the book of Jeremias	uJeremia
Job	eka'**Job**	the book of Job	uJobe
Joel	eka'**Joel**	the book of Joel	uJoeli
Joh.	iVangeli lika'**Johannes** ocw. ..	the Gospel according to St. John ..	uJohane
1. Joh.	incwadi yoku1 ka'**Johannes** ocw. ..	the 1st Epistle of St. John ..	uJohane eyokuqala
2. Joh.	incwadi yesi2 ka'**Johannes** ocw. ..	2nd Epistle of St. John	uJohane eyesibili
3. Joh.	incwadi yesi3 ka'**Johannes** ocw. ..	3rd Epistle of St. John	uJohane eyesitatu
Jon.	eka'**Jonas**	the book of Jonas	uJona
Jos.	eka'**Josua**	the book of Josua	uJoshua
Jud.	incwadi ka'**Judas**	Epistle of St. Jude	uJude
Judith	eka'**Judith**	the book of Judith	—
Kol.	incwadi ebalelwe abas'e**Kolosse** ..	Epistle to the Colossians	AbaseKolose
1. Kor.	incwadi yoku1 ebalelwe abas'e**Korinth**	First Epistle to the Corinthians ..	AbaseKorinte eyokuqala
2. Kor.	incwadi yesi2 ebalelwe abas'e**Korinth**	Second Epistle to the Corinthians ..	AbaseKorinte eyesibili
1. Kos.	eyoku1 **yamaKosi**	First book of kings	uSamueli eyokuqala
2. Kos.	incwadi yesi2 **yamaKosi**	Second book of kings	uSamueli eyesibili
3. Kos.	incwadi yesi3 **yamaKosi**	Third book of kings	Amakosi-eyokuqala

Amagama anqunyiweyo	NgesiZulu	NgesiNgisi	NgokwamaProtestante
4. Kos.	incwadi yesi4 **yamaKosi**	Fourth book of kings	Amakosi eyesibili
Luk.	iVangeli lika'**Lukas** ocw.	the Gospel according to St. Luke ..	uLuka
Lil.	**iziLilo**	Lamentations	Isililo
1. Makk.	eyoku1 **yaoMakkabi**	First book of the Machabees ..	—
2. Makk.	eyesi2 **yaoMakkabi**	Second book of the Machabees ..	—
Mal.	eka'**Malakias**	the book of Malachias	uMalaki
Mark.	iVangeli lika'**Markus** ocw. ..	the Gospel according to St. Mark ..	uMarko (uMarako)
Matth.	iVangeli lika'**Mattheus** ocw. ..	the Gospel according to St. Matthew	uMateu (uMatu)
Mik.	eka'**Mikęas**	the book of Micheas	uMika
1. Mos.	eyoku1 ka'**Moses**	First book of Moses, or Genesis ..	uGenesise
2. Mos.	eyesi2 ka'**Moses**	Second book of Moses, or Exodus ..	uEksoduse
3. Mos.	eyesi3 ka'**Moses**	Third book of Moses, or Leviticus	uLevi
4. Mos.	eyesi4 ka'**Moses**	Fourth book of Moses, or Numbers	Imibalo
5. Mos.	eyesi5 ka'**Moses**	Fifth book of Moses, or Deuteronomy	uDuteronomi
Nah.	eka'**Nahum**	the book of Nahum	uNahume
Os.	eka'**Oseas**	the book of Osee	uHosea
1. Pet.	incwadi yoku1 ka'**Petrus** ocw. ..	First Epistle of St. Peter	uPetro eyokuqala
2. Pet.	incwadi yesi2 ka'**Petrus** ocw. ..	Second Epistle of St. Peter ..	uPetro eyesibili
Rom.	incwadi ebalelwe abas'e**Roma** ..	Epistle to the Romans . ..	AbaseRoma
Ruth	eka'**Ruth**	the book of Ruth	uRuté
Shum.	**eyomShumayeli**	Ecclesiastes	uMshumayeli

Amagama angapiyiweyo	NgesiZulu	NgesiNgisi	NgokwamaProtestante
Sir.	eka'**Sirak**	Ecclesiasticus, or the book of Sirach	—
Sof.	eka'**Sofonias**	the book of Sophonias	uZefania
Tet.	inewadi **yabaTeti bamacala**	the book of Judges	Abahluli
1. Thess.	inewadi yoku1 ebalelwe abas'e**Thessalonike**	First Epistle to the Thessalonians ..	AabaseTesalonika eyokuqala
2. Thess.	inewadi yesi2 ebalelwe abas'e**Thessalonike**	Second Epistle to the Thessalonians	AbaseTesalonika eyesibili
1. Tim.	inewadi yoku1 ebalelwe **uTimoth** ..	First Epistle to Timothy	uTimote eyokuqala
2. Tim.	inewadi yesi2 ebalelwe **uTimoth** ..	Second Epistle to Timothy ..	uTimote eyesibili
Tit.	inewadi ebalelwe **uTitus**	Epistle to Titus	uTitusi
Tob.	eka'**Tobias**	the book of Tobias	—
1. Xuny.	inewadi yoku1 **yokuXunyelelwe** ..	First Paralipomenon, or the first book of Chronicles	Izikronike eyokuqala
2. Xuny.	inewadi yesi2 **yokuXunyelelwe** ..	Second Paralipomenon, or the second book of Chronicles	Izikronike eyesibili
Zak.	eka'**Zakarias**	the book of Zacharias	uZekaria

La kupatwa amazwi as'enCwadini ey'ingcwele, kukonjwa indawo la etatwa kona. Isibalo esilandelwa u*comma* sikomba isahluko, esilandelwa u*full stop* sikomba izwi lakona (u*verse*). Kanjalo ukuti: Matth. 15,4. kuti: ivangeli lika-'Mattheus, isahluko somuvo wesi5, izwi lesi4. Ukuti: 5. Mos. 2,19. kuti: incwadi yesi5 ka'Moses, isahluko sesi2, izwi lomuvo we9.

La kufunyaniswa umudwana onjé - noma onjé — pakati kwezibalo ezibili, kwazis' ukuti kupatwa amazwi onke, kutatela kwesokuti kuze kube esokuti. Kanjalo-ke ukuti: Rom. 12,12. 14. 16. 18-21. kuti incwadi eyabalelwa abas'eRoma, isahluko somuvo wesi2, izwi lomuvo wesi2, nelomuvo wesi4, nelomuvo

wesi6, natatela kwelomuvo wesi8 kuze kube elomuvo wama20.

La isibalo silandelwa u*full stop,* kungeko esilandelwa u*comma,* sikomba isahluko, uma kuleyo 'ncwadi kukona izahluko. Kanjalo ukuti: Enz. 4. kuti: incwadi yokwenza kwabApostole, isahluko sesi4.—Uma leyo 'ncwadi iy'isahluko sinye nje, isibalo esino*full stop* sikomba izwi lakona. Kanjalo ukuti: Jud. 5. kuti: incwadi ka'Judas, izwi lesi5.

Ukucazwa kwamanye amagama anqunyiweyo avela kule'ncwadi.

ocw. = ocwebileyo
abacw. = abacwebileyo
ingcw. = ingcwele
(inCwadi ey'ingcw. = inCwadi ey'ingcwele)
incw. = incwadi
izincw. = izincwadi
isahl. = isahluko
izahl. = izahluko
No = *number*
Nos = *numbers*
T. d. = iTestamente elidala.
T. t. = iTestamente elitsha.

Kokubili loku kukomba incwadi leyo eyabalwa ng'uFr. Th. Langa, okutiwa "Izindaba Zencwadi Yezincwadi", okutiwa futi "Inhlanganisela yezindaba zas'enCwadini ey'ingcwele." Kanjalo-ke T. d. 5. kuti: iTestamente elidala, *numbers* 5. T. t. 6. kuti: iTestamente elitsha, *number* 6.

V = u*Verse,* okung'ukuti izwana elimelwe ukupendulwa.

R = u*Response,* okung'ukuti izwana okupendulwa ngalo.

etc. = et cetera (yiti: et sétera), okungati ngesiNtu: nani nani, nokuti nokuti, napi napi, nani enjé.

& = na

Ukucazwa kwezibalo zamaRomani ezivela kule'ncwadi.

I	= 1	XII	= 12
II	= 2	XIII	= 13
III	= 3	XIV	= 14
IV	= 4	XV	= 15
V	= 5	XVI	= 16
VI	= 6	XVII	= 17
VII	= 7	XVIII	= 18
VIII	= 8	XIX	= 19
IX	= 9	XX	= 20
X	= 10	XXI	= 21
XI	= 11	XXII	= 22

Iziposiso.

Epejini 7 embuzweni 27 akufundwe: noNkulunkulu, la kukona: noNkulunkuku.

Epejini 14 emudweni 11 kutatelwa pezulu, akufundwe: Lalelani, la kukona: Lalaleni.

Epejini 173 ekanda akufundwe: el'amukelisayo nel'amukeliswayo, la kukona: el'amukelisayo nel'amukelisayo.

Epejini 414 empendulweni 693 akufundwe: abafelwakazi, la kukona: abafelwakwazi.



1. Ukubekwa kwetu lapa emhlabeni, sibekelwe-ni na?

Ukubekwa kwetu lapa emhlabeni, sibekelwe ukwazi uNkulunkulu nokumkonza nokumtanda, yikona siyauze silike kuye ezulwini.

Isikati sokuhlala kwetu emhlabeni kuy'isikati sokuvivinywa: yikona koti, uma s'enza akufunayo lowo osibeke lapa, aze asibeke ezulwini, mhla simuka kulo'mhlaba; uma s'ala ukuba s'enze akufunayo, asitshonise esihogweni.

2. UNkulunkulu singamazi karjani na?

UNkulunkulu singamazi ngengqondo asipe yona, nangakwambulile.

Ukumazi ngengqondo nampa abantu abamnyama nabo bemazi uNkulunkulu, bez'azela ukuti ng'uye opakeme kunako konke, bengatsho ukuti amadhlozi ay'into'nye naye.—UPaulus ocw. ekuluma ngamaqaba, uti: *Okwoqobo kwake okungabonakali, amandhla bolu nobuNkulunkulu bake obumiyo, kuyabonakala, kuqondakale ngalezi 'zinto ez'enziweyo, akuqonda kutatela ekudalweni kwomhlaba: ngako-ke bangezihlanguze.*»*)

3. Akwambulile uNkulunkulu kupetwe-pi ngamafupi na?

Akwambulile uNkulunkulu kupetwe ngamafupi emvumokolweni wabApostole.

*) Rom. 1. 20.

Isahluko sokuqala

sipete

umVumokolo wabApostole.

Ngiyakolwa ku*'Nkulunkulu, uYise* onamandhla onke, umDali wezulu nomhlaba, naku'Jesu 'Kristo, *inDodana yake* eyodwa, inKosi yetu, owamitwa ngoMoya ocwebileyo, wazalwa l'iVirigo*) uMaria, wahlutshwa kubusa uPonsius uPilatus, wanqanyulezwa, wafa, w'embelwa, w'ehla waya kwabapansi, ngosuku lwesitatu wabuya wavuka kwabafileyo, w'enyuka waya ezulwini, uhlezi kwesokunene sika'Nkulunkulu uYise onamandhla onke, lapo eyakuvela kona azoteta amacala abasekona nasebafa. Ngiyakolwa ku*'Moya ocwebileyo,* ngiyakolwa ukuti kukona iBandhla eliy'ingcwele elikatolike, ukuhlangana kwabacwebileyo, ukutetelelwa izono, ukuvuka kwenyama, ukupila kwapakade. Amen.

Isahlukwana sokuqala somvumokolo:

"Ngiyakolwa ku'Nkulunkulu, uYise onamandhla onke, umDali wezulu nomhlaba."

I.

UNkulunkulu uy'ini, unjani?

4. UNkulunkulu, umumo wake, uy'ini na?

UNkulunkulu, umumo wake, ung'umoya wodwa.

Kasiye umuntu, ngoba akana'mzimba, kana'mpefumulo njengati. Umpefumulo wetu ung'umoya kambe, kodwa ng'umoya odaliweyo, futi ng'umoya odalelwe umzimba nje.—Uma kukulunywa ngo-

*) NgesiZulu esiyiso bekuzautiwa: wazalwa y'inCasakazi uMaria.

mlomo, ngamehlo, ngèndhlebe, ngezandhla zika'Nkulunkulu, kuyafanekiswa nje.

5. UNkulunkulu wavela-pi na?

UNkulunkulu akavelanga 'ndawo, uyiloku ekona nje.

6. UNkulunkulu ak'enziwanga, kadalwanga na?

Qabo, uNkulunkulu ak'enziwanga, kadalwanga, ukona ngokwake yedwa.

7. Konje kukona yini isikati, uNkulunkulu owaengeko ngaso na?

Qabo, akuko 'sikati uNkulunkulu owaengeko ngaso, ngoba, nokuqala ukuba kona, kaqalanga.

8. Akuko 'sikati yini-ke uNkulunkulu ayakupela ngaso na?

Qabo, akuko 'sikati uNkulunkulu ayakupela ngaso, ngoba nesikati uqobo siy'into engeko kuye.

9. Njengoba uNkulunkulu enjalo, kutiwa, ung'ubani na?

Njengoba uNkulunkulu enjalo, kutiwa, ung'«Omiyo njalo».

Yiko loku uNkulunkulu owaekukomba, eti ku'Moses: «*Yahve*» (kumbe: *Yehova*»), eliti ngesintu: *Mina nging'okona* .[1]) — Akuko kuye okwaizolo nokwakusasa nokwanini, okukona ng'ubumanje obumiyo njalo. Naku kutiwa enCwadini ey'ingcwele: *Kwati kungak'enziwa izintaba, kungakabunjwa umhlaba nokuwuzungezayo, ukona wena, 'Nkulunkulu, selo kwaba nini.*»[2])

10. UNkulunkulu unengqondo na?

UNkulunkulu unayo ingqondo, kodwa akanayo nje kupela, uyiyo ingqondo uqobo lwayo.

Akuko 'ngqondo noma ku'bantu noma ku'bani engavelanga ku'Nkulunkulu. Futi, tin' abantu nezinye izidalwa ezinjengezingelosi, sinayo ingqondo kambe, kanti asiyiyo tina; kepa uNkulunkulu uyiyo uqobo.

11. Njengoba uNkulunkulu eyiyo ingqondo uqobo lwayo, kutiwa, ung'ubani na?

Njengoba uNkulunkulu eyiyo ingqondo uqobo lwayo, kutiwa, ung'«Ohlakanipe nokuhlakanipa».

Akuko'nto nenqabe kanjani eng'ahlula uNkulunkulu. Amuko ongasuka 'enze into etize kahle njengoNkulunkulu. Konke

[1]) 2.Mos. 3,14.—[2]) Hlab. 89,2.

okwenzekayo kupetwe uye, kugeine lapo etanda kona.—*Hai ngobukulu bemisebenzi yako, Nkosi! Wenze konke ngokuhlakanipa.*[1])

12. Konje kukona yini into uNkulunkulu angay'azi na?

Qa, akuko'nto angay'azi uNkulunkulu; ung'«Owazi konke».

Yonke into nentwana eyenzekayo, uNkulunkulu uyay'azi kakade, ingak'enzeki; futi aiko into eyenzekayo neng'enzeka ngapandhle kwake: kungako-ke wazi okwakukona, nokukona, nokuyakuba kona, nokungaba kona nje, nakuba kungeko. «*Amehlo ka'Nkulunkulu akanya kakulu kunelanga, ayabekisisa zonke izindhlela zabantu, nokupansi ezilontweni, ayabekisisa nezinhliziyo zabantu, ngitsho nokufihlekile kona; lokupela inKosi uNkulunkulu waazile konke, kungakadalwa, kanjalo uyakubonisisa futi sokudaliwe.*»[2])

13. UNkulunkulu angapambeka yini na?

Qabo, uNkulunkulu angepambeke, uy'«isiMinya uqobo lwaso»

Tin' abantu singaba *nesi*minya, kodwa asisiso sona uqobo. Kepa uNkulunkulu, njengoba eyiyo ingqondo uqobo lwayo, uy'isiminya uqobo futi.

14. UNkulunkulu angakohlisa yini na?

UNkulunkulu angekohliise, utsho into ekona njalo, loku ey'isiMinya uqobo lwaso.

Uma uNkulunkulu, *akuxambula kwake,* eti, ukuti kung'ukuti, kuyiko; noma eti, kuyakuvela ukuti, kuyauvela.—Nalapo *etembisa,* utsho into eyakuba kona; ngako-ke siti, ung' Otembekile. «*Kung'enzeke ukuba uNkulunkulu aqambe amanga.*»[3]) «*UNkulunkulu akanjengomuntu, aqambe amanga; futi akanjengomntwana womuntu, aguguguke.*»[4])

15. UNkulunkulu unentando yini na?

Yebo, uNkulunkulu unentando, angaz'enzela njengokutanda kwake, loku eyiyo uqobo lwayo.

Amuko ongabekela uNkulunkulu umteto, ambuse. Uyilokaz'enzela, akuko kuye ukwenziwa. Ang'enza ukuti, angakwenzi ukuti; angayeka ukuti, angakuyek' ukuti.

16. UNkulunkulu unamandhla yini okwenza konke atandi ukukwenza na?

[1]) Hlab. 103, 24. — [2]) Sir. 23, 28-29. — [3]) Heb. 6, 18. — [4]) 4. Mos. 23, 19.

Yebo, uNkulunkulu unamandhla okwenza konke atand' ukukwenza, ung'«umNini'mandhla onke».

Uye yedwa onamandhla onke. Konke okunye okunamandhla kuwapiwe uye; ngako-ke awako amandhla angaveli kuye. — «*Konke inKosi etanda ukukwenza iyakwenza: ezulwini, nas'emhlabeni, elwandhle nas'ezilontweni zonke.*» [1]) — *UNkulunkulu ak'ahlulwa 'luto.*» [2])

17. UNkulunkulu angatanda nokungalungile na?

Qabo, uNkulunkulu angetande okungalungile, uyiko «ukulunga uqobo», uyiyo «inzondo yokubi».

«*Wena* ('Nkulunkulu) *uyatanda okuhle, uyazonda okubi.*» [3])

18. Njengoba uNkulunkulu eyiko ukulunga, kutiwa, ung'ubani na?

Njengoba uNkulunkulu eyiko ukulunga, kutiwa, uy'«isiCwebi ezicwebini.»

Icwebile, icwebile, icwebile inKosi, uNkulunkulu wamaviyo.» [4]) —«*Olungile munye zwi, uNkulunkulu belu.*» [5])

19. UNkulunkulu wenza njani, uma umuntu 'enza okuhle, 'enza okubi?

UNkulunkulu uy'enama ngokuhle akwenzayo umuntu, amholele, amvuze; uyatukutela ngokubi akwenzayo umuntu, amhlaulise.

UNkulunkulu utanda okuhle yonk' indawo la ekufumana kona, uzonda okubi yonk' indawo la ekufumana kona, loku ey'isiCwebi eziewebini, eyiyo inzondo yokubi futi; akaketi 'muntu. Kus'ezweni lapambili, okuyakubonakala kulo ukuholelwa nokuvuzwa kwabahle nokuhlauliswa kwababi, ngoba uma, ukufa kwetu, siyakufika kulo, kuyakunqunywa yonke indaba yetu, njengoba isikati sokuvivinywa kwalapa emhlabeni sesipelile. Aike, nalapa emhlabeni uyaholela, uyahlaulisa; kepa, njengoba sisavivinywa, nangoba uNkulunkulu evama ukwehlisela nabalungileyo ukuhlupeka, 'enzela ukubavivinya, nangoba evam' ukushiyela nongalungile isikati sokulungisa, ukuholela nokuhlaulisa kwake akubonakali njalo emehlweni lapa emhlabeni. — (UNkulunkulu) *uyakuholela aruze, uyakuhlaulisa yilowo nalowo njengakwenzile .... ngoba uNkulunkulu akaketi 'muntu* [6])

[1]) Hlab. 134,6. [2]) Luk. 1,37. [3]) Hlab. 44,8. — [4]) Is. 6,3. [5]) Matth. 19,17. — [6]) Rom. 2,5. 11

20. UNkulunkulu, ey'intando, unotando futi na?

Yebo, uNkulunkulu ey'intando, unotando futi, uyilo utando uqobo lwalo.

«*UNkulunkulu ul'utando*». [1]) — «*Wena* ('Nkulunkulu) *uyatanda konke okukona, auzondi 'luto k'okwenzileyo.*» [2]) — «*Unina angahle akohlwe yini umntanake, angahaukeli indodana ayizeleyo na? E! nakuba nga yena eyikohlwa, mina-ke* (uNkulunkulu) *angiyikukukohlwa.*» [3])

21. Njengoba uNkulunkulu el'utando, kutiwa, ung'ubani na?

Njengoba uNkulunkulu el'utando, kutiwa, ung'«Ogcwele utando olungakauki 'ndawo», «nomNini'musa wonke», «nomNini'mhau wonke».

UNkulunkulu, nakuba ezonda okubi, uyamhaukela umuntu owenza okubi. — «*UNkulunkulu uhaukela zonke izidalwa zake.*» [4]) «*Ngifunga ukuba-kona kwami, itsho njalo inKosi, ngiti: ang' enamiswa ng'ukufa kwomubi, kanti ng'enamela ukupenduka kwomubi endhleleni yake, abuye apile.*» [5])

22. UNkulunkulu upi la ekona na?

UNkulunkulu us'êndaweni zonke.

Us'ezulwini, us'emhlabeni — akuko 'ndawo na'ndawana lapo engeko. Us'êndaweni zonke (1) *ngoqobo* lwake — njengoba umpefumlo wetu *wona wonke* us'emzimbeni wonke; (2) *ngokwazi* kwake konke: «*Konke kwambuliwe, kus'obala pambi kwamehlo ake.*» [6]) (3) *ngamandhla* ake, epete, ekweza konke, ey'isanda somhlaba — Umuntu, noma siti: uyedwa (ngoba kungeko omunye umuntu la ekona), akayedwa, lokupela uNkulunkulu ukona naye. — «*UNkulunkulu akahlali kude nati; lokunaku ukupila, nokuhamba, nokuba-kona nje kwetu kungaye.*» [7]) — *Angigcwalisi yini izulu nomhlaba na? itsho njalo inKosi.*» [8])

23. Kukona yini indawo lapo uNkulunkulu ekauka kona na?

Qabo, akuko 'ndawo lapo uNkulunkulu ekauka kona, ung' «Ongakauki 'ndawo».

UNkulunkulu, es'êndaweni zonke, kakauki 'ndawo lapa emhlabeni nas'emkatini nakuyip' indawo. Kodwa akakauki nalapo kukauka kona okudaliweyo, ukona nangapandhle nangapezu kwako konke okudaliweyo. Kuyabonakala ukuti umkaulo y'into engeko kuye.—USalomon, mhla wavula itempele las'eJerusalem, wati:

[1]) 1. Joh. 4,8. — [2]) Hlak. 11, 25. — [3]) Is. 49, 15. — [4]) Sir. 18, 12. — [5]) Ez. 33,11. — [6]) Heb. 4,13. — [7]) Enz. 17,27-28. — [8]) Jer. 23,24.

«*Loku izulu, namazulu ngamazulu engekwanele* ('Nkulunkulu), *kakulu kangakanani ingekwanele le'ndhlu!*»[1])

24. Kukona yini into enhle engeko ku'Nkulunkulu na?

Qabo, akuko'nto enhle engeko ku'Nkulunkulu: ngako-ke siti: uyiko «Okuhle okupeleleyo», siti: ung'«Opeleleyo ngako konke».

Tin' abantu singaba nokuhle okutile. Okwetu kung'anda, kungancipa; okuka'Nkulunkulu akwandiseki, akuncipiseki, kupelele ukupela.—Futi, tina singaba nokunye okuhle, okunye singabi nako; ku'Nkulunkulu kukona, kugewele konke okuhle, noma yikupi.—Futi-ke, tina sinako okuhle, asiyiko; uNkulunkulu, konke okuhle esingakucabanga nesingakwazi, uyiko uqobo.

25. UNkulunkulu, njengoba enjalo, angaba okunye yini na?

Qabo, uNkulunkulu, njengoba enjalo, angebe okunye, ung'«Ungaguqukiyo».

Njengaloko *isikati* siy'into engeko ku'Nkulunkulu, akagugi. «*Ekuqaleni wasekela umhlaba, wena `nKosi, nomsebenzi wezandhla zako, amazulu ayiwo. Kuyakububa* (konke loku), *kanti wena umi. Bonke bayakuguga bagugise okwengubo . . . kanti ung'uyenayena njalo, neminyaka yako aiyikupela.*»[2])—«Ey'*isiminya*, kana'kuguqula izwi lake: akutshilo, ukutshilo, nakufunayo kuy'enzeka. Nangu eti: «*Engikufunayo kumi njalo; nako konke engikutandayo kuyakwenzeka.*»[3])—Eng'*Opeleleyo*, kana'kwandelwa 'luto, kana'kuncitshelwa 'luto. Kungeko'nto engeko kuye, kasweli 'luto. Ngako-ke angeguquguquke.

26. Kukona yini omkulu ku'Nkulunkulu na?

Qabo, amuko omkulu ku'Nkulunkulu, angebe kona futi; uye oy'inKosi yamakosi, uGobangqongqo.

«*Uy'inKosi yamakosi, nObusa ababusayo.*»[4])

27. Kukona yini olingana noNkulunkuku na?

Amuko olingana noNkulunkulu, angebe kona futi.

Munye ong'uPezukonke, umDali onamandhla onke, inKosi enamandhla `esabekayo, ehlezi esihlalweni sayo sobukosi, ebusayo, ngitsho uNkulunkulu.»[5])

28. Njengoba s'azi ukuti uNkulunkulu ung'«Omiyo njalo», sing'enza njani na?

[1]) 3.Kos. 8, 27. — [2]) Hlab. 101, 27-28. — [3]) Is. 46,10. — [4]) 1.Tim. 6,15. [5]) Sir. 1, 8.

Njengoba s'azi ukuti «ung'Omiyo njalo», singazama nokuzama ukusebenzela *ukuhlala okumiyo njalo,* ai ukuhlala loku okudhlulayo kodwa nje.

Isikati sokuhlala kwetu lapa emhlabeni ng'esokuvivinywa nje; sona nako konke esinako nesikwenzayo kuyadhlula, kupele ngelinye ilanga. Os'emazi uNkulunkulu ukuti ung'Omiyo njalo», owazi futi ukuti tina sidalelwe ukuhlala naye ezulwini okungapeli nanini, uy'isilima uma engazilungiseli noko indawo enhle yas'ezweni lelo lapambili, efuna ukuhlala kahle lapa nje kupela. Ngobapela, uma singayikutol' indawo enhle, sotshona endaweni embi, la kukona ukufa kwapakade.—UMoya ocw. uti ngomlomo ka'Paulus ocw: *«Isikati sifutshane: . . . abapata izinto zalo-'mhlaba abasale sebehlalisa okwabangazipati; loku isimo salo-'mhlaba siyadhlula.* [1])

29. Njengoba uNkulunkulu «es'êndaweni zonke», «'azi konke», «eholela abalungileyo, ehlaulisa abangalungile», ngas'enza njani na?

Njengoba uNkulunkuiu «es'êndaweni zonke», «azi konke», «eholela abalungileyo, ehlaulisa abangalungile», ngasimesaba, kona siyakulunga.

Ecaleni elitetwa ng'abantu, abanecala bayasinda kaningi ngokupika, ngamacebo, nangamanga. Ke, uNkulunkulu es'êndaweni zonke, 'azi konke, uyakubona konke esikucabangayo nesikufisayo, uyaw'ezwa onke amazwi esiwakulumayo, uyakubona konke esikwenzayo. Eng'ufakazi-ke wako konke loku, singesinde ngamanga nangamacebo nangokupika, mhla eyakunquma indaba yetu. Nas' isaga sas'enCwadini ey'ingcw., siti: *«Umkwezi wompefumulo wako kana'kukohliswa 'luto.»* [2]) – Futi, uNkulunkulu, njengoba eng'uNkulunkulu, unomteto wokuba aholele owenz' okuhle, ahlaulise owenz' okubi: singamesaba-ke nokumesaba. Ngokumesaba-ke asiyikwenza 'luto olungaba l'icala kuye. *«Ukuqala kwokuhlakanipa yiko ukuy'esaba inKosi.* [3]) – UJosef was'eGipite wati: *«Ngi-ng'enza kanjani okubi loku, ng'one pambi kuka'Nkulunkulu na?* [4]) USusanna wati: *«Kungcono ukuba nginikwe yinina icala ngingakwenzanga* (okubi enikufunayo), *kunokuba ng'enze isono emehlweni enKosi.»* [5])

30. Njengoba s'azi ukuti uNkulunkulu uyasitanda ngotando olungakauki 'ndawo, sing'enza-ni tina na?

[1]) 1. Kor. 7, 29. 31.— [2]) Ag. 24,12. – [3]) Hlab. 110,10. – [4]) 1.Mos. 39,9. – [5]) Dan. 13,23.

Njengoba s'azi ukuti uNkulunkulu uyasitanda ngotando olungakauki 'ndawo, nati singamtanda.

Ukwazi ukuti sitandwa omunye ngotando oluyilo kungasitandisa yena. Ke, ukumtanda omunye kuyabonakala ikakulu ngokuba s'enza akutandayo yena. Aike, ukwazi ukuti uNkulunkulu uyasitanda ngotando oludhlula yonke ingqondo, nokuti muhle, eyiko okuhle okupeleleyo, kung'enza ukuba nati sisuke simtande, size s'enze konke akutandayo, siyeke konke angakutandi. Kuhle kambe ukulunga ngenxa yokumesaba uNkulunkulu, kodwa okuhle kakulu ng'ukulunga ngenxa yokumtanda, njengoba nang' uJohannes oew. eti: »*Asitande uNkulunkulu, ngoba ng'uyena owaqala ukusitanda!*« [1])

31. Njengoba s'azi ukuti uNkulunkulu ung'«umNini'musa wonke» «nomNini'mandhla onke» «nOtembekile», sing'enza njani na?

Njengoba s'azi ukuti uNkulunkulu ung'«umNini'musa wonke» «nomNini'mandhla onke» «nOtembekile», singatemba nokutemba kuye.

UNkulunkulu eng'umNini'musa wonke, siy'azi ukuti uyatanda ukusisiza, noma siy'ini, noma sinjani, noma s'ehlelwa y'ini. Nomuntu onomusa angatanda ukusisiza, kodwa ang'ahluleka. Kanti uNkulunkulu, etand' ukusisiza, ak'ahlulek' 'ndawo eng' umNini'mandhla onke.—Futi, kung'uye yedwa ong'umNini'mandhla onke, uye yedwa futi ongasisiza; ngobapela, nomunye umuntu (nako konke okunye okuputshwe abantu abamnyama okunjengamadhlozi) angesize 'muntu, uma uNkulunkulu engatandi, engamniki amandhla, engamvumeli, engamdedeli ukuba asebenzise amandhla asamnika kakade. Ngako-ke kuyabonakala ukuti ng'uNkulunkulu yedwa esingatemba kuye. — UNkulunkulu usitembisile ngamazwi amaninginingi, abonakala eNCwadini ey' ingewele, ukuti uyausisiza; ke, eng' Otembekile, akwenzeki nokwenzeka ukuba asikohlise, angasisizi. — *Noma nya ngihamba etanzini lokufa pakati kwalo, angiyikwesaba 'tuto otubi, loku wena* ('NkulunkuluJ *unami.* [2]) *Musani ukutemba ku'bantwana babantu okungeko 'nsizo kubo . . Unenhlanhla . . . otembile enKosini, uNkulunkulu wake.*« [3])

32. UNkulunkulu eng'«umNini'mhau wonke», ngas'enza njani na?

UNkulunkulu eng'«umNini'mhau wonke», ngasing'epuzi

[1]) 1. Joh. 4,19.—[2]) Hlab. 22,4.—[3]) Hlab. 145,2-3. 5.

ukubuyela kuye, uma s'ahlukana naye ngokwona, sibuye sixolelane naye.

« Bongani inKosi, ngoba imnene, ngoba umhau wayo aupeli nanini.» [1])

33. UNkulunkulu ey'«isiMinya uqobo», ngas'enza njani na?

UNkulunkulu ey'«isiminya uqobo», ngasikolwa akutshoyo, ngasitemba asitembisa kona.

Njengoba sinomteto wokukolwa akutshoyo umuntu esimfundile ukuti unesiminya, kakulu kangakanani sinomteto wokukolwa nokukolwa lowo «oy'isiMinya uqobo»? Bekwoba ubuula, kube nesono es'esabekayo ukungakolwa izwi loy'isiMinya uqobo lwaso. — *« Isiminya senKosi siyiloku simi kwoza kube nini.* [2])

34. UNkulunkulu eyiloko esikutshilo, singawakonza, singawatemba yini amadhlozi na?

UNkulunkulu eyiloko esikutshilo, singewakonze, singewatembe amadhlozi.

Indaba yamadhlozi iyaukulunywa pambili; lapa sikomba into inye nje: Uma amadhlozi, njengokutsho kwabantu, ey'imipefumulo yabantu nje asebafa, angawatata-pi amandhla okusiza abantu, uma uNkulunkulu engawaniki na? Ke, akawaniki, njengoba siyakubona pambili; ngako-ke kuyabonakala ukuti kul'ize ukuwatemba. Ng'ubuula bwohlobo ukushiya umNini'mandhla onke enxenye, eng'uye yedwa ongasiza abantu, kuyiwe emadhlozini awona angaba namandhla nje, inxa uNkulunkulu eb'ewanika wona, angenawo kodwa, ngoba nang' uNkulunkulu engawaniki.

II.

UNkulunkulu munye.
Abazimeli bobuNkulunkulu batatu.

35. Kungaba kona yini oNkulunkulu na?

Qabo, kungebe kona oNkulunkulu abayibo; kungaba kona, nembala kukona uNkulunkulu munye zwi.

UNkulunkulu ongesiye uPezukonke akasiye uNkulunkulu ong'uye. Pela, nabantu abamnyama bayamazi nje kakade uNkulunkulu lo ong'uye, lokupela, la bexoxa izindaba lezo zas'endulo, abati bengasaziqondi namhla, bati, y'izinganekwane, bayatsho

[1]) Hlab. 106,1.— [2]) Hlab. 116, 2.

ukuti ng'uye uNkulunkulu owadala izulu nomhlaba nenkomo nani, bati ng'uye uNkulunkulu owadabula abantu ohlangeni. Ng'uyena belu abati ng' umEnzi , bati y' inKosi epezulu», bati ng' umVelingqangi , bati ng' uGobangqonggo (= uGob'amakosi = inKosi yamakosi), bati l' iCibi elinomnqwazi pezulu», bati y'«isAnda somhlaba», bati ng'«uGuqabadele .

Aike, ngesikati abantu baduka kambe, baxubanisa izindaba, baza bati abanye, qa, uNkulunkulu ung'umuntu, abanye-ke bati, qa, unkulunkulu ng'ukoko lowo owaqala isizwe sakwiti. E! batsho ngokuduka.

Aike, site, uNkulunkulu ongesiye uPezukonke akasiye uNkulunkulu ong'uye. Manje-ke, inxa bekukona nowesibili uNkulunkulu, omunye walaba'babili mhlaumbe ub'eyakuba *mkulu kunomunye* —e! bekwoba uyena-ke yedwa zwi ong'uPezukonke, owesibili angabi yena, loku omunye emkulu kunaye.—Kung'enzeke futi ukuba kube kona oNkulunkulu ababili *abalinganayo:* belingana, amuko odhlula omunye; kungeko odhlula omunye, amuko ong' uPezukonke; kungeko-ke ong'uPezukonke, akuko 'Nkulunkulu.

UNkulunkulu ung'umNini'mandhla onke. Ke, abanini'mandhla *onke* ababili y'into engebe kona: inxa bekukona onamandhla angaveli kulowo ong'umNini'mandhla onke, lowo 'mNini'mandhla onke ub'es'ezauba ongena'mandhla onke, ngoba nank' amanye amandhla engeko emandhleni ake.—Nangu eti: «*Mina nging' uNkulunkulu, kamuko uNkulunkulu omunye futi, amuko ofana nami.*» *)

Kwakukona, kusekona nanamhla abanaonkulunkulu abaningi, nxa sesitshiso okwabo kambe, kung'aonkulunkulu abangeyibo. Abanye futi banonkulunkulu munye nje, ongeng'uye kodwa. Kuyabonakala ukuti abanye bafanisa ilanga noNkulunkulu, abanye umlilo, abanye ukuti, abanye ukuti. Abanye baz'enzele onkulunkulu babo ngezandhla zabo, besebeti, izitombe lezo zing'aonkulunkulu babo. Abanye bafanisa izilwane ezitize noNkulunkulu, njengenkomo, nengwenya, nani nani.—Aike, kuyabonakala ukuti abantu abamnyama balapa ab'enzanga 'luto olunjalo; futi abatsho nokutsho ukuti kukona oNkulunkulu, bay'azi, bavuma «uNkulunkulu» yena yedwa zwi. Kepa into abapambeka ngayo—bamshiya enxenye, bati akana'ndaba nabantu, nabantu abana'ndaba naye, ukude nabo. Bazibumbela însumansumane zamadhlozi—yiko abaqal' ukupambeka ngako. Nenye into abay'enza: nakuba bengatsho ukuti amadhlozi a'ndawo'nye noNkulunkulu, nokuti ang' onkulunkulu, kanti noko bayawafanisa nganxanye noNkulunkulu, loku bengabongi. bengahlabeli uNkulunkulu, bebonga, behlabela


*) Is. 46,9.

amadhlozi, inganti ukubonga nokuhlabela kuy'into efanele uNkulunkulu yedwa zwi.

36. UNkulunkulu munye lo okona u'bazimeli 'bangaki na?

UNkulunkulu munye lo okona u'bazimeli 'batatu: uYise, inDodana, uMoya ocwebileyo.

Elokuti «umzimeli» liqondisa uqobo olunengqondo oluzimela ngokwalo». Kuyabonakala ukuti yilowo 'muntu ung'umzimeli, el'*uqobo olunengqondo oluzimela ngokwalo* (uqobo luka'Nkabizegeja alumiswa uqobo luka'Gundeni). Yileyo 'ngelosi ing' umzimeli, ngoba il'*uqobo olunengqondo oluzimela ngokwalo* (uqobo luka'Mikael ocw. alumiswa uqobo luka'Gabriel ocw.). Kanjalo naku'buNkulunkulu kukona abazimeli. Batatu-ke: owokuqala ng'uYise, owesibili y'inDodana, owesitatu ng'uMoya ocwebileyo.



37. UYise, ukuzimela kwake, umi nga'nto-ni na?

UYise, ukuzimela kwake, umi ngoqobo lwobuNkulunkulu.

Kuyabonakala ukuti uNkabizegeja, ukuzimela kwake, umi ngoqobo lwake, ngobuntu bake belu; kuyiko uku«zi»mela, ngoba uqobo lobuntu bake lona lonke ng'olwake. Aike, uNkulunkulu uYise, ukuzimela kwake, umi ngoqobo lwake, ngobuNkulunkulu belu; kuyiko uku«zi»mela, ngoba uqobo lobuNkulunkulu lona lonke ng'oluka'Yise.

38. InDodana, ukuzimela kwayo, imi nga'nto-ni na?

InDodana, ukuzimela kwayo, imi ngoqobo lobuNkulunkulu.

UNkulunkulu inDodana, ukuzimela kwayo, imi ngoqobo lwayo, ngobuNkulunkulu belu; kuyiko uku zi mela, ngoba uqobo lwobuNkulunkulu lona lonke ng'olwenDodana, lona lolo oluka'Yise.

39. UMoya ocwebileyo, ukuzimela kwawo, umi nga'nto-ni na?

UMoya ocwebileyo, ukuzimela kwawo, umi ngoqobo lwobuNkulunkulu.

UNkulunkulu uMoya ocwebileyo, ukuzimela kwawo, umi ngoqobo lwawo, ngobuNkulunkulu belu; kuyiko uku zi mela, ngoba uqobo lwobuNkulunkulu lona lonke ng'olwoMoya ocwebileyo, lona lolo oluka'Yise, olung'olwenDodana futi.

40. Okukunye ku'Nkulunkulu yikupi na, okukutatu yikupi na?

Okukunye ku'Nkulunkulu l'uqobo lwobuNkulunkulu, okukutatu ng'abazimeli.

Aiko into enjalo ebantwini: aluko uqobo lwomuntu olumisa abazimeli ababili abatatu babantu. Kuyabonakala ukuti yilolo 'luqobo lwomuntu lumisa umzimeli munye nje womuntu: oluka-'Nkabizegeja uqobo ng'olwake yedwa zwi, alusilo olwomunye umuntu naye. Nas'êngelosini akuko'nto enjalo. Iyafumaniseka ku'buNkulunkulu bodwa.—Kuy'imfihlo kambe, enkulu futi, ngoba kudhlula ingqondo yetu, loku naku singaboni 'luto olunjalo emhlabeni. Y'into'nye esiyiqondayo, ukuti nje, akupambene nenggondo. Ngakupambene belu, inxa kwatiwa: uqobo lunye luy' izinqobo ezintatu, kumbe: abazimeli abatatu bang'umzimeli munye. Kodwa akutshiwo njalo; into ekona yilé: abazimeli abatatu, ukuzimela kwabo, b'emi ngalona lolu 'luqobo lunye lwobuNkulunkulu, yiloku kupela.

41. Ukuti uNkulunkulu munye u'bazimeli 'batatu, sikwazi ngani na?

Ukuti uNkulunkulu munye u'bazimeli 'batatu, siyakwazi, ngoba uNkulunkulu us'ambulele kona ngembaba.

Kus'obala ukuti umuntu angez'azele loku.—Etestamenteni elidala kwakungak'aziwa; kodwa ukukonjwa—sekwakonjwa, njengokuti: *Icwebile, icwebile, icwebile inKosi, uNkulunkulu wamaviyo.* *)— Ukwambulwa kwaloku, kw'ambulwa iyo inDodana ka 'Nkulunkulu, umSindisi wetu. Yati: «*Hambani . . . . . niyo-*

*) Is. 6,3.

bapatiza izizwe zonke ngegama (linye) *lika'Baba benenDodana noMoya ocwebileyo.* [1]) UJohannes ocw. uti: *Batatu abafakaza ezulwini: uYise, iZwi* (ng'ukuti inDodana), *noMoya ocwebileyo: laba'batatu-ke bakunye.* [2]) — «*Mina*», kutsho inDodana, «*ngiyakuncenga uBaba, kona eyakunitumela esinye isiSizi . . . . uMoya ocwebileyo.* [3])—Kukona nezinye izindawo enCwadini ey'ingcw., lapo kupatwa kona yona le'ndaba: Joh. 14,26.—Luk. 1,32. & 35. — Matth. 3,16-17.

IBandhla lika'Nkulunkulu laliyilo lifundisa kona loko. Nang uIgnatsius ocw. (umfundi wabApostole, wafa kungati ngo107 uKristo azalwa) eti encwadini ayibalele abas'eMagnesia: «Lalaleni umbishopu, njengoba . . . nabapostole babelalela uKristo *(inDodana) noYise noMoya.*» IBandhla lajezisa, labandhlulula bonke abapambana nale'mfundiso, beyipika, beyicasisa ngokungeyiko (abaka'Sabellius nabanye).

42. UYise nenDodana noMoya ocwebileyo, yilowo nalowo ung' uNkulunkulu uqobo na?

Yebo, uYise ung' uNkulunkulu uqobo, inDodana ing' uNkulunkulu uqobo, uMoya ocwebileyo ung'uNkulunkulu uqobo.

Kwenziwa y'ini? Kwenziwa ngoba lonke uqobo lwobuNkulunkulu ng'oluka'Yise, lona lonke ng'olwenDodana futi, lona lonke ng'olwoMoya ocwebileyo nawo. NenCwadi ey'ingcwele itsho njalo. InDodana iti: *Ukupila kwapakade kuyiko ukukwazi wena (`Baba) ukuti ung'uNkulunkulu, oyedwa onguye.*» [4]) «Izwi lika'Nkulunkulu», inDodana pela ka'Nkulunkulu, kutiwa, ling'uNkulunkulu: «*Ekugaleni kwakukona iZwi, iZwi-ke lalilku'Nkulunkulu; ke, uNkulunkulu, iZwi laling'uye.*» [5]) UPetrus wati ku'Ananias: «*Usatana uyilingele-ni inhliziyo yako ukuba ukohlise uMoya ocwebileyo na? . . . Akuso abantu obakohlisile, kanti ng'uNkulunkulu.*» [6])

43. Abazimeli abatatu, yilowo nalowo eng' uNkulunkulu uqobo, bang' aoNkulunkulu abatatu na?

Qabo, abazimeli abatatu, nakuba yilowo nalowo eng' uNkulunkulu uqobo, abasibo oNkulunkulu abatatu, bauNkulunkulu munye zwi.

«*Batatu abafakaza ezulwini: uYise, iZwi, noMoya ocwebileyo: laba'batatu-ke bakunye.*» [7]) Kuya ngokuba yilowo nalowo umi nga-

[1]) Matth. 28,19. —[2]) 1. Joh. 5,7.—[3]) Joh. 14,16.—[4]) Joh. 17,3.—[5]) Joh. 1,1. —[6]) Enz. 5,3-4.—[7]) 1. Joh. 5,7.

lona lolo 'qobo lunye lwobuNkulunkulu, bunye-ke ubuNkulunkulu bwabo bobatatu. Kuyabonakala ukuti b'ahlukene njengoba beng'abazimeli, bahlangene ngoqobo lwobuNkulunkulu.

44. Ukuti «uYise« nokuti «inDodana» aku'magama njena na?

Qabo, ukuti «uYise» nokuti «inDodana« aku'magama njena: uYise ung'uye impela, inDodana iyiyo impela.

Umzimeli woku 1 wobuNkulunkulu ng'uYise ngoba ezele inDodana; umzimeli wesi 2 uy'inDodana, ngoba ezelwe uYise. Nang' uNkulunkulu uYise eti: «*InDodana yami uyiyo wena, ngikuzele namhla.* [1]) *Mina ngoba kuye uYise, yena-ke abe kimi inDodaka.*» [2]) — Kuyabonakala ukuti uNkulunkulu ung'umoya. Ngako-ke, nakuba abazimeli laba ababili beuyise nendodana, nakuba kukona-ke ukuzala nokuzalwa, uYise nenDodana abasibo abantu noko, bang'uNkulunkulu njalo, bang'umoya njalo. I'o-ke, benge'bantu, beng'umoya wodwa, kungaba kona yini ukuzala nokuzalwa kubona na? Kukona; akusiko okwas'ebantwini kambe, kepa noko kuyiko ukuzala nokuzalwa, kuyiko kakulu kunokwabantu.

45. UNkulunkulu uYise akamdala, akamkulu kunoNkulunkulu inDodana na?

Qabo, uNkulunkulu uYise akamdala, akamkulu kunoNkulunkulu inDodana, bayalingana, ngoba bobabili bezimele ngobuNkulunkulu.

«Akamdala» kunenDodana, ngoba uYise, njengoba engaqalanga ukuba kona (isikati siy'into engeko kuye), kaqalanga nokuzala; ngako-ke nenDodana kaiqalanga ukuzalwa. — «Akamkulu kunenDodana, ngoba lona lolo 'luqobo luka'Yise ng'olwenDodana futi. UJesu, inDodana ka'Nkulunkulu, wati: *Konke uBaba anako, noma yikupi, kung'okwami.*» [3])

46. InDodana ka'Nkulunkulu, kutiwa, iy'ini futi na?

InDodana ka'Nkulunkulu, kutiwa, iyilo «iZwi lika'Nkulunkulu» futi.

Kuyabonakala ukuti izwi lifana nomntwana: songati liyamitwa engqondweni nas'enhliziyweni (kuseng'umcabango kumbe isifiso), beselizalwa ngoba lipuma emlonyeni, likulunywa.— *Ekuqaleni kwakukona iZwi* (inDodana), *iZwi-ke lalika'Nkulunkulu* (inDodana yaiku'Nkulunkulu), *ke, uNkulunkulu, iZwi lating'uye* (inDodana yaing'uNkulunkulu).» [4])

[1]) Heb. 1, 5. Hlab. 2, 7.—[2]) Heb. 1, 5. 2. Kos. 7, 14.—[3]) Joh. 16, 15. —[4]) Joh. 1, 1.

47. Ukuti «uMoya ocwebileyo» kul'igama nje na?

Qabo, ukuti «uMoya ocwebileyo» aku'gama nje, uyiwo ngempela.

UAugustin ocw. (De Trin. c. 19) uti: EbuTatwini lobo akuyiwo (uMoya ocw.) wodwa ong'umoya, akuyiwo wodwa ocwebileyo, loku noYise eumoya nenDodana iumoya, futi noYise ucwebile nenDodana icwebile . . . Kanti noko aubizwa *ngeze* ngokuti uMoya ocw., ngoba, njengalokn ung'owabo bobabili, ukubizwa kwawo ngegama elibafanele bona bobabili, ubizwa ngalo *ngengqondo eyodwa.*»

Pela njengoba siabantu nje, sikulumisa okwabantu nje, ngitsho nalapa sikuluma ngobuNkulunknlu, ngoba sidinga amazwi. Kungako-ke onke amagama esibiza ngawo uNkulunkulu, nganxanye atsho into ekona, nganxanye alinganisa nje. Site, kukona ukuzala nokuzalwa ku'buNkulunkulu; sati-ke, kuyiko ngempela, kepa akusiko okwabantu. Ngako-ke, la siti «uYise», siti «inDodana», sitsho into ekona nganxanye, nganxanye silinganisa nje, ngoba sidinga amanye amazwi afandle uNkulunkulu yedwa.

Kanjalo naku'Moya ocwebileyo. Nas'isazi (Billot. De Deo Trino q. 27. th. 4, 2. q. 36. th. 25.) siti: "Kwatatwa igama lokuti "umoya", kwaqanjwa ngalo umzimeli wesitatu, ukulinganisa kusuka emoyeni okomba k'okunomzimba umoya ot' upuma esifubeni pakati, upefunyulwe. Waqanjwa kahle umzimeli wesitatu, kwatiwa uMoya ocwebileyo, ngoba, ukupuma kwawo, ung'okutandwayo okupuma ku'Nkulunkulu ozitandayo."

48. UMoya ocwebileyo uyalingana yini noYise nenDodana na?

Yebo uMoya ocwebileyo uyalingana noYise nenDodana, ngoba nawo uzimele ngobuNkulunkulu njengabo.

«Ababadala» kunoMoya ocwebiley, ngoba ukuzala kuka'Yise nokuzalwa kwenDodana kungaqalanga, kuy'ilo kukona nje, nokuvela kwoMoya ocwebileyo kubona akuqalanga, kuy'ilo kukona nje.— «Ababakulu» kuwo, ngoba lona lolo 'luqobo oluka-'Yise nolwenDodana ng'olwoMoya futi.

49. Ukuti uNkulunkulu munye u'bazimeli 'batatu kuy'ini kitin' abantu.

Ukuti uNkulunkulu munye u'bazimeli 'batatu kuy'imfihlo kitin' abantu.

«Kuy'imfihlo ngoba kuy'*into ekona* kuy'*isiminya*, kodwa noko y'into esingayiqondi. Kuyabonakala pela ukuti akus'ezindabeni zokukolwa kupela nje la kukona imfihlo, zikona yonk' indawo. Ukukanya» kwomlilo. siyakwazi ukuti kuy'into ekona, siyabona nokuti kuvela-pi; noko-ke, ukwazi ukuti ukukanya,

umumo wako, kuy'ini na, siy'ahluleka. Kanjalo-ke, ngokwambula kuka'Nkulunkulu uqobo, oy'isiminya esingepambeke, siy'azi ukuti uNkulunkulu munye u'bazimeli 'batatu; kodwa ukwazi ukuti kwenzeka kanjani, siy'ahluleka, ngoba into enjalo aiko ebantwini.—Kepa nakuba le'mfihlo idhlula ingqondo yetu, siyabona noko ukuti aipambene nengqondo. (Funda okuku *number* 40.)

50. Le'mfihlo yokuti uNkulunkulu munye, abazimeli batatu, itiwani na?

Le'mfihlo yokuti uNkulunkulu munye, abazimeli batatu, itiwa «ubuTatu obucwebileyo».

Imfihlo yobuTatu obucwebileyo iy'isisekelo sako konke ukusindiswa kwetu nesezindaba zonke zokukolwa kwetu.

IBandhla eliy'ingewele lijwayeze amakolwa ukupata ubuTatu obucwebileyo emikulekweni etize; nans' eminye:

1. Ukutshaya isipambano, kutiwa: *Ngegama lika'Yise benenDodana noMoya ocwebileyo. Amen.* Kutiwa «ngegama», ai ngamagama; linye lona, ngoba lunye uqobo lwabazimeli abatatu. Ngenxa yaloku akuna'kutiwa: Ngegama lika'Yise nelenDodana neloMoya ocw., loku e'matatu, uma kutshiwo njalo.

2. Udumo alube ku'*Yise benenDodana noMoya ocwebileyo*, njengokuba kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo namanje, kuyakuba njalo sonk' isikati napakade. Amen.

3. «'Nkosi, sihaukele» *(uYise)*
«'Kristo, sihaukele» *(inDodana)*
«'Nkosi sihaukele» *(uMoya ocw.)*

4. «Icwebile, icwebile, icwebile inKosi, uNkulunkulu wamaviyo», ukuti nje:
icwebile inKosi *uYise,*
icwebile inKosi *inDodana,*
icwebile inKosi *uMoya ocw.*

5. Imikuleko ivam' ukugcina ngokuti: (Siyacela) ngenKosi yetu uJesu 'Kristo, *inDodana* yako, epila ebusa kanye nawe *(Yise)*, nikunye *noMoya ocw.*, ing'uNkulunkulu, izikati ngezikati. Amen.

III.

UmDali wezulu nomhlaba.

51. Ukudala kuy'ini na?

Ukudala ng'ukwenza into kungeko 'luto lwokuy'enza.

Tin' abantu s'enza into ngento. Ukwenza umkonto, sitata insimbi, siyikande; sitate uti, silubaze; besesihlanganisa insimbi noluti ngenkulati; besokuba umkonto-ke. Uma kungeko 'nsimbi, kungeko 'luti, kungeko 'nkulati, singew'enze umkonto. Kanti uNkulunkulu, yena uyay'enza into atand' ukuy'enza *kungeko 'luto nolunjani angay'enza ngalo;* asimze atande nje, atsho nje ukuba into etize ivele, ib'is'ivela-ke, kube kupela nje. Kuyabonakala-ke ukuti okwake ukwenza into akuso ukwenza into ngento, ng'ukudala belu.

52. UNkulunkulu angadala ngoba ey'ini na?

UNkulunkulu angadala, ngoba eng'umNini'mandhla onke.

Akuko'nto eng'ahlula uNkulunkulu. [1]) Onge'mnini'mandhla *onke*, konke pela okungesiye uNkulunkulu uqobo, njengoba kudaliwe nje, kungedale.

I.

UmDali wezulu.

53. Ekuqaleni uNkulunkulu wadala-ni na?

Ekuqaleni uNkulunkulu wadala izulu.

Ekuqaleni uNkulunkulu wadala izulu nomhlaba. [2])

54. Izulu liy'ini na?

Izulu liy'indawo leyo, uNkulunkulu abonisa kuyo bonke abafika kona ubukosi bwake.

UNkulunkulu us'êndaweni zonke kambe; kepa akuso êndaweni zonke la ebonakalisa kona ubukosi bwake. Kus'ezulwini la 'enza njalo kona. Njengoba uNkulunkulu ebona ubukosi bwake yonke indawo lapo ekona, loku ezibona, akazidalelanga izulu, walidalela bonke angábefika kulo, abanjengezingelosi nabantu. E! Njengoba-ke ukumbona uNkulunkulu kuy'inhlanhla epeleleyo, izulu liy'indawo lapo ukuhlupeka kung'aziwa kona nakanci, kutokozwa kona ngokutokoza kwapakade kube kupela. *Akuko'so elake*

[1]) Mark. 10, 27.—[2]) 1. Mos. 1, 1.

lakubona, akuko 'ndhlebe eyake yakuzwa, akuko 'nhliziyo eyake yangenwa yiloko uNkulunkulu abalungisele kona abamtandayo.»[1])

Izulu liyilelo'zwe esiti l'«izwe elingabonakaliyo», l'«izwe lapambili», ngoba siselapa asikaliboni, ng'«elapambili», ngoba, ukumuka kwetu lapa, sofika kulo.

55. Wati uNkulunkulu edala izulu, wadala-ni futi na?

Wati uNkulunkulu edala izulu, wadala nezingelosi.

56. Izingelosi ziy'ini na?

Izingelosi ziy'imimoya yodwa.

Elokuti ingelosi», imvelo yalo, livele esiGrekeni (ángelos), liti nje isitunywa» kumbe «isigijimi» kumbe umbiki. Lona-ke litsho isikundhla nomsebenzi wêngelosi nje, kalitsho ukuti ziy'ini, umumo wazo.

Ukuti izingelosi ziy'*imimoya* kubonakala ngenCwadi ey'ingew.: «*Iyipi ingelosi* (uNkulunkulu) *owake wati kuyo: "Hlala kwesokunene sami . . . !"* ? *Zona* (îngelosi) *zonke-ke, angiti ziy'imimoya yokukonza na?*»[2]) – «*Kwati sokuhlwile, kwaletwa kuye abaningi ababengenwe imimoya emibi, wakipa-ke iminoya . . .* [3])—Ingelosi ing'umoya wodwa, njengaloko noNkulunkulu ung'umoya wodwa: kanti into ekona, uNkulunkulu ung'umoya ongadaliwe, ingelosi ing'umoya odaliweyo. Umoya, nati tin'abantu sinawo, ngitsho pela umpefumulo wetu, kepa asi'moya wodwa, sinomzimba futi; kanti ingelosi ng'umoya woda, aina'mzimba; ng'umoya ongawudalelwe umzimba, inganti owetu umoya uwudalelwe umzimba.

57. Izingelosi zinengqondo na?

Izingelosi zinayo ingqondo enkulu kakulu.

Njengoba ziy'imimoya yodwa, ukuqonda nokwazi nokuhlakanipa kwazo kudhlula kakulu okwetu tin' abantu. Noko azinjengo-Nkulunkulu owazi konke, nakuba z'azi okuninginingi, umuntu angakwaziyo.

58. Izingelosi zinentando na?

Izingelosi zinayo intando, amandhla okuz'enzela pela.

Kuy'ezwakala ukuti okunengqondo kunentando futi. Kodwa ukuti îngelosi zinayo kuyabonakala ngokuvivinywa kwazo, ezinye zaketa okuhle, ezinye okubi.

[1]) 1. Kor. 2, 9.—[2]) Heb. 1, 13-14.—[3]) Matth. 8, 16.

59. Izingelosi, ukudalwa kwazo, zazilungile na?

Yebo, izingelosi, ukudalwa kwazo, zazilungile zona zonke.

Ukulunga loku kubili: (1) sazilungile, ngoba ziy'into eyenziwe uNkulunkulu; (2) zazilungile ngoba zazine*xotsho* *) *eliewebisayo.* Aike, indaba yexotsho eliewebisayo iyaukulunywa kwenye indawo yona yonke. Lapa kung'anela ukukomba nje okubili: ukuti lona liy'into e'luhlobo lwobuNkulunkulu, nokuti liy'into es'enza isidalwa amandhla okuhlala kwa'Nkulunkulu nokumbona kona yena, umumo wake nobukosi bake.

Izingelosi, kuyabonakala ngenCwadi ey'ingcw. ukuti, ukudalwa kwazo, zazis'ezulwini zona zonke.

60. Izingelosi, ukuma kwazo namandhla azo, ziyafana yini na?

Qabo, izingelosi z'ziluke ne ngamaviyo nangamandhla azo.

Nanka amaviyo azo al'itoba:

1. amaSerafim *(Is. 6, 2.);* yiwo atandisisa ubuhle nobukosi buka'Nkulunkulu.

2. amaKerubim *(1. Mos. 3, 24. Ez. 10, 3.);* yiwo 'azisa ukuhlakanipa kuka'Nkulunkulu.

3. iziHlalo (zobukosi) *(Kol. 1, 16.);* yizo ez'azisa ukuhlala kwake kwapakade okungena'kuguquka.

4. imiBuso *(Ef. 1, 21. Kol. 1, 16.);* yiyo ebusa zonke izinto ezidaliweyo.

5. iziKulu *(Ef. 1, 21. Kol. 1, 16.);* yizo ezipete bonke abang'amakosi.

6. amAndhla *(Ef. 1, 21. Kol. 1, 16.);* yiwo anamandhla pezu kwemimoya emibi.

7. iziQwaga *(Ef. 1, 21. Rom. 8, 38.);* yizo ezinamandhla pezu kwemiteto izinto ezidalelwe yona (izimangaliso).

8. iziNgelosi ezinkulu *(1. Thess. 4, 15.);* yizo ezitunyelwa izindaba ezinkulu.

9. iziNgelosi *(Rom. 8, 38.);* yizo ezokulondoloza abantu.

61. Izingelosi zahlala zalunga njalo na?

Qa, ezinye z'ona, zaponswa esihogweni.

Kuyabonakala ukuti izingelosi zonke zavivinywa. Ezinye, induna yazo ng'uLuzifer (ikwezi lokusa , olet'ukukanya), zazidhla, zabanga ubukosi, zati, zofana noNkulunkulu. Kwati soku umbango lowo, kwavela iNgelos' enkulu uMikael, wati: «*Mi-ka-el?* loko ng'ukuti: *Ubá ofana noNkulunkulu?*

*) Yiko okukade kubizwa ngelesiLatini lokuti «igrasia».

Kwavela ukulwa okukulu ezulwini: uMikael nezingelosi zake zalwa nesilo, isilo-ke nezingelosi zaso zalwa, z'ahluleka; selo kwaba lɔko, aisafunyaniswa indawo yazo ezulwini; saponswa-ke pansi isilo leso esikulu, inyoka endala leyo, etiwa ng'umCebi noSatana, edukisa umhlaba wonke, e! saponswa-ke emhlabeni, nezingelosi zaso zaponswa pansi kanye naso.» [1])

Elokuti usatana liti isita. Nank' amanye amagama ake: omuBi [2])—«omuBi inqaba [3]) oy'isOni selo kwaba s'ekuqaleni [4])—oy'isiQwaga [5])— uBeelzebub, inkosi yemimoya emibi [6]) — uBelial loku ng'ukuti «omuBi [7])—Elokuti idemone» l'igama eliyamile lika'satana uqobo, nelemimoya yonke emibi.

Usatana nemimoya emibi isenamandhla emhlabeni. Usatana utiwe: inkosi enamandhla emoyeni lo (ng'ukuti nje, emkatini lo) [8]). Futi: *Akuso inyama negazi nje kupela esimelwe ukulwa nalo, yizo iziKulu futi namAndhla nababusa umhlaba, bebusa ubumnyama, nemimoya emibi yas'emkatini wangapezulu.* [9]) UPetrus oew. uti: *Bazalwane, zikuzeni, nilinde, ngoba isita senu usatana uyazulazula njengebubesi elibodhlayo, efuna angamtshwabadela, yilwani-ke naye ngokolo.»* [10])

Po-ke akus'esihogweni yini la usatana nemimoya emibi ihlala kona, loku naku uJesu ete: *Yiyani emlilweni ongena'kupela obaselwe usatana nezingelosi zake!»* [11]) na? Aike, imfundiso, evumelene nokus'enCwadini ey'ingew., iti: Eminye imimoya emibi ivunyelwe ukuhlala emoyeni was'emkatini, kuze kuvele usuku lwokugcina, okuyakunqunywa ngalo indaba yayo neyako konke okubi ekwenzileyo emhlabeni,[12]) ib'is'ivalelwa esihogweni.[13]) Kepa into ekona -njengoba ngokutsho kuka'Jesu «*izingelosi zabo* (ingelosi ezinhle, ezokulondoloza abantu) *ziyiloku zibona ubuso buka'Baba os'ezulwini,* [14]) nakuba zihamba nabantu bazo lapa emhlabeni, kanjalo nezingelosi ezimbi, nakuba zisavunyelwe ukuzulazula lapa emhlabeni, ziyiloku zihamba nokuhlutshwa kwazo kwas'esihogweni.

(Yonke enye indaba yetu tina nosatana iyaukulunywa lapo kuyakutatwa kona umteto woku1 ka'Nkulunkulu.)

Ukwona kwazo, izingelosi z'ona kwakanye, zaseziponswa *emlilweni ongena'kupela* [15]), azisayikupuma kona! Azitolanga 'msindisi!

[1]) Amb. 12, 7-9.—[2]) Matth. 13, 19.—1. Joh. 2, 13. 5, 18. —[3]) Ef. 6, 16. [4]) 1 Joh. 3, 8.—[5]) Luk. 11, 21.—[6]) Matth. 12, 24. [7]) 2. Kor. 6, 15.—[8]) Ef. 2. 2. —[9]) Ef. 6, 12.—[10]) 1. Pet. 5, 8-9.—[11]) Matth. 25, 41. [12]) 1. Kor. 6, 3. —[13]) Amb. 19, 20.—[14]) Matth. 18, 10.—[15]) Matth. 25, 41.

62. Isihogo siy'ini na?

Isihogo siy'indawo yangapansi, y'indawo yomlilo ongena-'kupela, eyokuhlupeka kwapakade.

Isihogo y'indawo ka'satana nezingelosi zake, neyabantu abalahliweyo. *Ab'es'eti* (uJesu) *kwabas'ekohlo* (abantu ababi): *Sukani kimi, nina 'ziqalekiswa, yiyani emlilweni ongena'kupela obaselwe usatana nezingelosi zake.*»[1])

IBandhla kade lanquma indaba yokuti, ukuhlupeka kwas'esihogweni akuna'kupela nos'engene kona kasena'kupuma kona nanini. NenCwadi ey'ingcw. itsho njalo. Futi, liyafundisa ukuti umlilo wakona ng'umlilo uqobo, omubi kunowalapa emhlabeni. UJesu wati: « . . . *emlilweni ongacimekiyo, lapo impetu ebadhlayo ingafi nomlilo ungacimeki kona.*[2]) UMoya ocw. uti: « . . . *abangalaleli iVangeli lenKosi yetu uJesu 'Kristo bayakububa bahlaule ngokuhlaula kwapakade.*»[3])—Ukuhlupeka kwakona kuy'esabeka: « (UJesu) *uyakuti kinina: . . . mukani kimi nonke en'enze okubi, niye lapo kukona ukukala nokuququda amazinyo.*»[4])

Ukuhlupeka kwakona kuvam' ukutiwa ng'« ukufa kwapakade : kwenziwa ngoba, uma uNkulunkulu eb'engamkwezi owas'esihogweni, ubuhlungu nokuhlupeka kwakona bekuyaumqeda nyá, abe yiló epela; kunjalo-ke, owas'esihogweni eyiló efa, ukufa kwake kumi njalo, akupeli nanini.

63. Izingelosi ezing'onanga uNkulunkulu waz'enza-ni na?

Izingelosi ezing'onanga, uNkulunkulu wazinika ukutokoza kwapakade ezulwini.

Zona, ukuvivinywa kwazo, zazizitoba pansi kwobukosi buka 'Nkulunkulu, zakweza-ke ixotsho elicwebisayo, kazisena'kulahlekelwa yilo. Ngako-ke sezihlezi njalo kwake uNkulunkulu, ziyambona yena uqobo, ukutokoza nenhlanhla yazo ngeke isapela.

Izingelosi, ukulinganiswa kwazo nabantu, ziamakosi amakulu impela. — Ku'Nkulunkulu zing'abantwana, ziy'izinduna zake, ziy' izikonzi, ziy'izinceku, ziy'izilomo zake; ziyamtusa uNkulunkulu, ziyambabaza, ziyamhubela, z'enza konke asuka eti, azikwenze ezulwini nas'emhlabeni.

Lonke ibandhla lezingelosi, kuvam' ukutiwa liy'« *impi yas'ezulwini* .[5]) Naku kutiwa enCwadini ey'ingcw.: « . . . *wena* ('Nkulunkulu) *wenze izulu . . . nempi yonke yakona.*»[6]) Ngaloko-ke

[1]) Matth. 25,41.—[2]) Mark. 9,43.—[3]) 2. Thess. 1,8-9.—[4]) Luk. 13,27-28. —[5]) 2. Xuny. 18, 18.—[6]) 2. Esd. 9, 6.

uNkulunkulu uvam' ukutiwa *inKosi, uNkulunkulu wamaviyo: » Amaserafim 'ema kona ... ahubisana, ati: Ucwebile, ucwebile, ucwebile wena, 'nKosi 'Nkulunkulu wamaviyo.* « [1])

64. Izingelosi zis'enza-ni tin' abantu na?

Izingelosi ziyasilondoloza tin' abantu lap' emhlabeni.

UNkulunkulu uyalile izingelosi zake, ute, azikulondoloze ûndhleleni zako zonke, zikufukule ngezandhla zazo, funa nga ungawo lwako luquzuke etsheni. » [2]) – Wonke-ke umuntu uneyake ingelosi yokulondoloza; kuyabonakala ukuti akuso umuntu oy'inkosi yengelosi yake; yiyo ingelosi ey'inkosi, eyona, njengoba itand' ukulalela inKosi enkulu, uNkulunkulu, imlondoloza umuntu wayo, umzimba nompefumulo wake. Yona-ke ingamnxusela ku'Nkulunkulu, ingayisa imikuleko yake nako konke okuhle akwenzayo ku'Nkulunkulu, ingamletela amaxotsho amsizayo, ingamfunzelela ngokwomoya ukuba 'enze okuhle, ang'enzi okubi, ingamlwela imvimbelele imimoya emibi, ingamvimbelela izingozi zokwomzimba nezokwompefumulo.

65. Tina-ke, njengoba sinezingelosi, sifanele ukwenza-ni na?

Tina, njengoba sinezingelosi, sifanele ukukumbula ukuti sinazo, size sizihlonipe, sizilalele, sizitembe.

Beka! Ngituma ingelosi yami, ihambe pambi kwako. . . . Yinake, ulalele izwi layo, ungasuki uyidelele. » [3])

Usuku lweziNgelosi zokulondoloza lugcinwa l'iBandhla ngo2. Oktober.

Njengokutsho kwenCwadi ey'ingcw. mininginingi imisebenzi yezingelosi. Lapa singakomba lena:

(1) Ziyanikela imikuleko yetu ku'Nkulunkulu: — *Kw'eza-ke enye ingelosi, y'ema elatini, ipete isitsha segolide esinomlilo: yais'inikwa ûnhlobonhlobo zempepo, izotata-ke imikuleko yezicwetshiswa zonke* (neyamakolwa, ey'izicwetshiswa zas'emhlabeni), *iyinikele elatini legolide elipambi kwesihlalo sobukosi sika 'Nkulunkulu. Aike, kw'enyuka umusi wempepo, uvela emikulekweni yezicwetshiswa, usuka esandhleni sengelosi pambi kuka 'Nkulunkulu.* » [4])

(2) Njengoba wonke umuntu enengelosi yake, kanjalo wonke umbuso ungaba nengelosi yawo. Naku kutiwa enewadini ka'Daniel, umprofete: uMikael ocw., ingelos' enkulu, waeng'umlondolozi wabakwa'Israel, enye owamaPersi, enye owamaGreke. [5])

[1]) Is. 6,2-3. [2]) Hlab. 90, 11-12. — [3]) 2. Mos. 23, 20-21. — [4]) Amb. 8, 3-4. — [5]) Dan. 10,20-21.

(3) Zintatu izingelosi es'azi amagama azo; zontatu ezeviyo leziNgelosi ezinkulu:

(a) uMikael («Ubá ofana noNkulunkulu?») ocw. waeng'umLondolozi wabakwa'Israel,[1]) *us'eng'umLondolozi weBandhla eliy'ingcw. lika'Nkulunkulu.* Futi iBandhla eliy'ingcw. liti uy' induna yabamuka kulo'mhlaba ebayisa emparadisweni», uy'«induna yas'emparadisweni»; liti: wenziwe induna yemipefumulo yonke es'itand' ukwamukelwa (emparadisweni, ezulwini)»; liti: «Induna epete indwangu yamabuto, uMikael ocw., aiyise imipefumulo (yabafayo) lapo kukona ukukanya kwapakade. Liti: UMikael ocw. uy' induna yempi yonke yezingelosi, uhlonitshwa izingelosi zonke».

Usuku lwake 29. September.

(b) uGabriel (umuntu (indoda) ka'Nkulunkulu) ocw. w'azisa umprofete uDaniel izinto ezitize[2]); w'azisa uZakarias ukuti uyauba uyise ka'Johannes umBapatizi[3]); w'azisa uMaria ocw. ukuti uyauzala uJesu.[4])

Usuku lwake kwenye indawo 18. March, kwenye indawo 24. March.

(c) uRafael (uNkulunkulu uy'elapa») ocw. watunyelwa ku'Tobias, wamelapa, wapelekezela umfana wake endhleleni; futi ung'enye kulezo 'zingelosi ezi7 ezimi pambi kuka'Nkulunkulu.[5]) —Ung'umMeli wabagulayo nowabahamba indhlela.

Usuku lwake 24. Oktober.

2.

UmDali womhlaba.

66. Umhlaba wonke wadalwa ubani na?

Umhlaba wonke wadalwa uNkulunkulu.

Ukuti «umhlaba wonke» kuti: konke okukona *okubonakalayo* (njengoba site izulu l'izwe *elingabonakaliyo*).

Ukuti «wadalwa» kuti: w'enziwa nje, ngoba, ukwenziwa kwawo, kwakungakabiko 'luto lokuw'enza.

Ukuti «umhlaba wonke wadalwa ng'uNkulunkulu» *singaziqondela nangenggondo nje.* Os'eqonde ukuti ng'uNkulunkulu yena yedwa *okona nje*, eng'enziwanga, engavelanga 'ndawo, engaqalanga ukuba kona, nokuti ung'uye *uPezukonke*, angaqonda nokuti ngapandhle kwake kungebe na'nto *ekona nje*, ing'enziwanga.

[1]) Dan. 10,13. 21. 12, 1.—[2]) Dan. 8,16. 9,21.—[3]) Luk. 1,11-20.—[4]) Luk. 1, 26-38.—[5]) Tob. 12, 15.

ingavelanga 'ndawo, ingaqalanga ukuba kona; ngobapela, uma yaikona, ngakuba iyona eng'uNkulunkulu, ngakuba iyona eng' ul'ezukonke, loku kung'enzeke ukuba kube kona oPezukonke ababili. Ngako-ke, njengoba ngapandhle kuka'Nkulunkulu kukona nezinye izinto, ngakuba uyena oz'enzile.

Inkuku yokuqala yavela-pi na? Kwapendula iHlakani, lati: «Yavela eqandeni. Wati uSongqondo: Eqandeni lokuqala na?» Lati iHlakani: «Yebo pela, yavela eqandeni lokuqala. Wati uSongqondo: «Lona iqanda lokuqala lavela-pi na? Lati-ke iHlakani uba liti: Lavela enkukwini yokuqala.» wati uSongqondo: «Kade uti, inkuku yokuqala yavela eqandeni lokuqala; us' uti, iqanda lokuqala lavela enkukwini yokuqala. Po-ke yikupi okwokuqala na? Laselikohlwa-ke iHlakani, latula. Waes'eti uSongqondo: «Ukubona kwami, ngakuba kona ow'enza inkuku yokuqala.» Yapela-ke indaba.

Maninginingi *amazwi enCwadini eyingcw. afakaza* ukuti uNkulunkulu ung'umDali womhlaba. Nanka amanye:— *Ekuqaleni uNkulunkulu wadala izulu nomhlaba.* [1])—Unina wabafana aba7 okutiwa oMakkabi wati k'owamagcino: *Ngiyakuncenga, 'mnianami, beka izulu nomhlaba nako konke okukulo nokul'awo, ugonde ukuti uNkulunkulu w'enza kona, w'enza nesiulu, kungeko'nto akwenza ngayo.* [2]) *UNkulunkulu . . . owenza abafilego babuye bapile, noyala okungeko* (eti akube kona), *besokuba kona.* [3]) *Ngokolo siyaqonda ukuti umhlaba w'enziwa ngezwi lika'Nkulunkulu, kanjalo-ke okubonakalayo kw'enziwa ngokungabonakaliyo.* [4]) *Wena, 'nKosi, 'Nkulunkulu wetu, ufanele ukudunyiswa ngenxa yobukosi nodumo namandhla ako, loku udalile izinto zonke, wati, utanda ukuba zibe kona, zaba konake, zadalwa.*» [5])

67. Umhlaba nako konke okukona, uNkulunkulu wakudala kona konke kanyekanye na?

Qa, umhlaba nako konke okukona, uNkulunkulu wakudala ngênsuku ezi'situpa.

Kus'obala ukuti uNkulunkulu waengadala konke kanyekanye, uma waetanda.

Ekuqaleni uNkulunkulu wadala izulu nomhlaba. [6])

Njesuku lwokul uNkulunkulu wati: *Akuvele ukukanya; kwavela-ke.*» [7])

[1]) 1. Mos. 1,1.—[2]) 2. Makk. 7,28.—[3]) Rom. 4,17.—[4]) Heb. 11,3.—[5]) Amb. 4,11.—[6]) 1. Mos. 1,1.—[7]) 1. Mos. 1,3.

Ngosuku lwesi2 uNkulunkulu wati: «*Akuvele umkati pakati kwamanzi . . . wawuqamba umkati wati l'izulu.* [1])

Ngosuku lwesi3 uNkulunkulu wati: «*Amanzi angapansi kwe zulu akahlangane 'ndawo'nye, kuvele umhlabati owomileyo.*» [2]) W'ahlukanisa-ke *ulwandhle nomhlabati.* Wabuya wati: «*Umhlabati auveze utshani nemitshana nemiti etelayo.*» [3])

Ngosuku lwesi4 uNkulunkulu wati: «*Akuvele ukukanya ezulwini, kwahlukanise ubusuku nemmini, kukombise izinsuku neminyaka.*» [4]) W'enza *ilanga, nenyanga, nezinkanyezi.*

Ngosuku lwesi5 uNkulunkulu wati: «*Amanzi akaveze izinhlanzi, nezinyoni . . . ngapansi kwomkati.*» [5])

Ngosuku lwesi6. uNkulunkulu wati: «*Umhlaba auveze izilwane înhlobo ngênhlobo.*» [6]) Waza «*wadala UMUNTU.*» [7])

«Izinsuku» lezi az'aziwa 'muntu ukuti zaziy'isikati esingakanani. Esingakubona nje ng'ukuti, zazinge'zinsuku ez'enzeka ngokupuma nokutshona kwelanga, loku naku l'usuku lwesi4 nje, ilanga eladalwa ngalo.

68. Konke okudaliweyo kumi ngani na?

Konke okudaliweyo kumi ngentando nangamandhla ka-'Nkulunkulu.

Uma usalibambile itshe, alina'kuwa; uma uliyeka, liyawa. Ka njalo uma uNkulunkulu ekweza akudalile, kumi; uma engakukwezi, kuyabuba. Bala, bekuzaububa nyá, kubuye kube into engeko, njengaloko kwaba into engeko kungakadalwa.—Njengoba uNkulunkulu ngentando nangamandhla ake edale konke, ngayona leyo 'ntando nangawona lawo 'mandhla uy'enza ukuba kume. kuhlale. Kungako-ke loku 'kukweza akudalileyo kutiwa ng'«ukudala kwesibili», ng'«ukudala okungapeli.» Kungako-ke abantu bati: uNkulunkulu uy' isAnda somhlaba.»— *Bekung'ema kanjani uto, wena ungatandanga na?* [8])

Ku'*number* 22 site, uNkulunkulu us'êndaweni zonke. Kuya ngani na? Kuya ngoba ekweza yileyo naleyo'nto; ati-ke ekweza yileyo naleyo'nto, upi nayo na? Ukuyo.

69. Umteto wako konke okudaliweyo ng'owani na?

Umteto wako konke okudaliweyo ng'owokudumisa ubuhle nobukosi buka'Nkulunkulu.

1. UNkulukulu waenomteto yini wokuba adale izulu nomhlaba na? Qabo, waengenawo, *waz'enzela, ngoba watanda. Konke*

[1]) 1. Mos. 1,6. 8.—[2]) 1. Mos. 1,9.—[3]) 1. Mos. 1,11.—[4]) 1. Mos. 1,14. —[5]) 1. Mos. 1,20.—[6]) 1. Mos. 1,25.—[7]) 1. Mos. 1,27.—[8]) Hlak. 11,26.

uNkulunkulu uyakwenza ngokutsho kwentando yake. [1])—«*Konke ekutandayo inKosi iyakwenza ezulwini nas'emhlabeni, elwandhle nas'ezilontweni zonke.*» [2])

2. Po-ke, ukudala kwake, uNkulunkulu wadala ngoba wadinga uto yini na? Qabo, *ak'enzanga nyoba wadinga uto.* Kunjengokutshiwo enCwadini ey'ingcw.: «*UNkulunkulu wami, wena ung'uye, izinto zami auzisweli.*» [3]) Kubonakala ukuti uNkulunkulu, epelele nyá, nenhlanhla yake nokuz'enamela kwake kupelele nyá; ngako-ke kung'enzeke ukuba adinge uto.

3. Po-ke, uNkulunkulu *wadalela-ni na?* Wadala ngoba emuhle, watanda ukubonakalisa ubuhle bwake nangokunge yena uqobo. Kwati kungakadalwa 'luto, ubuhle buka'Nkulunkulu bwabubonwa uye yedwa, ezibona. Es'edalile-ke, ubuhle bwake buhlalukile. Naku kutiwa: «*UNkulunkulu wabona konke ab'ekwenzile, wabona-ke ukuti kuhle kute hlehlelezi.*» [4]) Ke, lezo 'zinto azidalile, ezinye zinengqondo, izingelosi nabantu belu; zona-ke sezingabona ubuhle nobukosi bwake ngakudalileyo, bazo bamdumise-ke.

4. Kuyabonakala ukuti, eng'uye owenze konke, uNkulunkulu ung'*umninikonke*, uy'inKosi yako konke. Kwenziwa yiloku ukuba konke okukona kube nomteto wokumdumisa, njengoba naye uqobo enomteto wokuzidumisa, loku eng'uNkulunkulu, eng'uPezukonke. Ukwenza kwetu, tina esiy'izidalwa nje, inxa sisuka s'enzela ukuzidumisa, siy'ona, loku sibanga okuka'Nkulunkulu yedwa. *Konke ekwenzile inKosi, ikwenze ngenxa yayo uqobo.* [5]) Uti uNkulunkulu: *Yilowo nalowo okulekela igama lami, ngimdalile, ngimbumbile, ngimenzile ngenxa yodumo lwami.*» [6])

(a)
Ukudalwa kwomuntu.

70. Ukudala umuntu wokuqala, uNkulunkulu w'enza njani na?

«UNkulunkulu w'enza isimo somuntu ngomhlabati, waes'eti-ke, epefumulela ebusweni bake, wampefumulisa umpefumulo opilisayo, umuntu-ke waes'eba umpefumulo opilayo.» [7])

Kubonakala ukuti ukudalwa kwomuntu kukodwa: ngobapela wat'uma esadala ezinye izinto, uNkulunkulu wati nje: «Akuvele»

[1]) Ef. 1,11.—[2]) Hlab. 134,6.—[3]) Hlab. 15,2.—[4]) 1. Mos. 1,31.—[5]) Ag 16,4.—[6]) Is. 43,7.—[7]) 1. Mos. 2, 7.

ukuti, kwasokuvela-ke. Kepa wati es'ezaudala umuntu, wati: «*As'enze umuntu abe umfanekiso wetu, abe inswebu yetu, abuse înhlanzi zas'olwandhle nênyoni zas'emkatini nezilwane nomhlaba wonke nazo zonke izilokazana ezinwabuzela emhlabeni.*»[1]) Futi, wat'es'emdala umuntu, katshongo nje ukuti akuvele umuntu: *w'enza* isimo somuntu ngomhlabati, waze wadala umpefumulo wake.

71. Umuntu wokuqala, igama lake, ng'ubá?

Umuntu wokuqala, igama lake, ng'uAdam.

Elokuti uAdam liti «ow'enziwe ngomhlabati».

72. Ukudala owesifazana wokuqala, uNkulunkulu w'enza njani na?

«UNkulunkulu w'aka owesifazana ngobambo ab'elukipe ku'Adam.»[2])

73. Owesifazana wokuqala, igama lake, ng'ubá?

Owesifazana wokuqala, igama lake, ng'uEva.

UAdam kuqala wamqamba wati «ishá», loko ng'ukuti «umuntukazi» kumbe «indodakazi», umuntu wesifazana. Ngas'emva, seb'onile, wamqamba wati ng'uEva, loku ng'ukuti umzali wabapilayo».[3])

74. Umuntu uy'ini-ke?

Umuntu u'nto'mbili: umzimba nompefumulo.

Nabantu abansundu bazibonele ukuti umuntu aka'mzimba wodwa, loku «amadhlozi» ay'ini ngokutsho kwabo na? Ay'impefumulo, y'imimoya yabantu asebafa.

75. Umpefumulo, umumo wawo, uy'ini na?

Umpefumulo, umumo wawo, ung'umoya.

76. Umpefumulo ung'*umoya* odalelwe ukuba *yiwona wodwa* njena na?

Qa, umpefumulo ung'umoya odalelwe ukuhlangana nomzimba nokuzwisa wona.

Site uma sisakuluma ngoNkulunkulu, sati ung'*umoya wodwa*. Saza sabona ukuti nengelosi ing'*umoya wodwa*, kepa ng'umoya odaliweyo. Ke, umpefumulo womuntu nganxanye ufana nengelosi, ngoba ung'umoya kambe odaliweyo, nganxanye aufani nayo.

[1]) 1. Mos. 1, 26.—[2]) 1. Mos. 2, 22.—[3]) 1. Mos. 3,20.

ngoba umteto wawo aku owokuzihlalela wona wodwa, ng'owokuhlangana nomzimba nokuwuzwisa nokusebenzisana nawo.

Umzimba, wona wodwa, ungezimele, umpefumulo ungeko; naku! ubola nje bo, la umpefumulo soupumile. Kepa umpefumulo ungazimela wodwa, umzimba ungeko. Kuyabonakala ukuti nabantu abamnyama baz'azele ukuti kunjalo, beti, umuntu es'efile ul'idhlozi. Kanti, into ekona -noma umpefumulo uzihlalela wodwa isikati esitize, umteto wawo wokuhlangana nomzimba aupeli; ngosuku lwokugcina, mhla uNkulunkulu es'eyovusa umzimba, umpefumulo us'uyakuhlangana nawo futi.

77. Umpefumulo ungafa, ungapela na?

Qabo, umpefumulo ungefe, ungepele nanini.

Kwenziwa y'ini? Kwenziwa ngoba umpefumulo ung'umoya, l'uqobo pela oluy'*into'nye. Iungey'into nento.* Kus'obala kambe ukuti uNkulunkulu ub'enamandhla okucita nomoya, nakuba uy'into'nye, uze ububc nyá, ubuye ube into engeko njengoba wauy'into engeko ungakadalwa. Kodwa uNkulunkulu ak'enzi into enjalo, ngoba (1) njengokuhlakanipa kwake (2) nobunene bwake akaciti 'luto oludalelwe ukungacitwa, nangoba (3) eyoholela avuze abahle, ahlaulise ababi. *Utuli lubuyela emhlabatini olwaluvele kuwo, umoya ubuyela ku'Nkulunkulu owauvele kuye.*»*)

78. Njengoba umpefumulo womuntu ung'umoya, unani na?

Njengoba umpefumulo womuntu ung'umoya, unengqondo nentando.

Umuntu, *enengqondo,* uyaz'azi, uyacabanga, uy'azi nokuti uyacabanga, uyakuluma, uyafunda, uyabona nokuti into injalo ngani na, nokuti ukwenzeka kwento iy'enzeka kanjani na, nangani na.

Izilwane nazo zinompefumulo otize: kepa ausiwo umoya, uy'into *chlangene ne nomzimba* wazo; kuti-ke mhla kupela umzimba, kupele nompefumulo wazo. Ingqondo izilwane ezinayo ng'umteto otize wokuqonda, uNkulunkulu azidalele wona, *augaqkiz* inkomo ka'Adam yiyona leyo 'nkomo esiyifuyayo namhla, ingqondo yayo iseiyona leyo; intando yayo, isatanda utshani njengakudala. Nobugagu bwênyosi, ukwaka ikekeba, buseyibona lobo, abuncipi, abwandi. Umuntu akadalelwe umteto onjé ongena-'kuguquka. Pela, isilwane, ukuqonda nokutanda kwaso *siy'enziwa,* umuntu, ukuqonda nokutanda kwake, ak'enziwa, *uyaz'enzela,* uyazisebenzela.

*) Shum. 12,7

79. Umuntu ung'umfanekiso nenswebu ka'Nkulunkulu ngani na?

Umuntu ung'umfanekiso nenswebu ka'Nkulunkulu ngokuba enomoya ongafiyo, onengqondo nentando.

Njengoba umntwana o'buso bufana nobuka'yise, kutiwa, ufuze uyise, kanjalo umuntu ufuze umEnzi wake, ung'umfanekiso uy'inswebu yake, ngoba umEnzi wake *eng'u*moya, umuntu naye *uno*moya. E! uyedwa-ke umuntu kuzo zonke izinto zalapa emhlabeni, zona zingena'moya.

Kwati-ke umuntu esadalwa nje, waenezinye izinto futi ezimenza umfanekiso nenswebu ka'Nkulunkulu, izinto ezinge ezobuntu belu, zipezu kwabo, zingamfanele umuntu ngomteto wobuntu bwake, uNkulunkulu emxotshisa zona noko.

80. Iyipi into enkulu epezu kwobuntu, uNkulunkulu owaemxotshisa yona umuntu esamdala, na?

Into enkulu epezu kwobuntu, uNkulunkulu owaemxotshisa yona umuntu esamdala, l'ixotsho elicwebisayo.

Sesatsho amazwana ngexotsho leli, sipete indaba yêngelosi. Lapa-ke kasikayikulumi indaba yalo yona yonke; noko kuswelekile ukuba sicaze ukuti liy'ini, umumo walo, na? Yingoba yiso *isiqu sendaba yetu tin' abantu noNkulunkulu.*

Inkomo y'inkomo; umuntu ng'umuntu. Inkomo, ngobunkomo bwayo, aina'ngqondo njengomuntu, aina'ntando njengomuntu, aikwazi ukwenzisa nokuhlalisa okwomuntu, inkomo ihlala esibayeni, umuntu uhlala endhlini, nokuti nokuti. Manje-ke, uma nga inkomo ib'ipiwa ingqondo yomuntu, angiti leyo 'nkomo ib'iyoba is'itole into epezu kwobunkomo bwayo, nakuba isey'inkomo, na?

Umuntu ng'umuntu; uNkulunkulu ng'uNkulunkulu. Njengoba inkomo ingafanelwe okwobuntu, kanjalo nomuntu akafanelwe okwobuNkulunkulu. Indhlu ka'Nkulunkulu (izulu) ng'eka'Nkulunkulu; umuntu, ngobuntu bwake, akafanelwe ukuhlala kona. Inhlanhla ka'Nkulunkulu ng'eka'Nkulunkulu; umuntu, ngobuntu bwake, akafanelwe iyo. Umuntu unengqonjwana nje, uNkulunkulu uyiyo ingqondo; umuntu-ke, ngobuntu bwake, kaqondisi okuka-'Nkulunkulu. Kanjalo futi akatandisi, akajabulisi okuka'Nkulunkulu. Manje-ke, uma umuntu epiwa amandhla okuhlala endhlini ka'Nkulunkulu (ezulwini), nokufumana yona leyo 'nhlanhla eng'eka'Nkulunkulu, nokuqondisa nokutandisa nokujabulisa okuka'Nkulunkulu, angiti us'etole into epezu kwobuntu bwake, nakuba eseng'umuntu, na?

Manje-ke inkomo ingazitolela, ingazipa yini amandhla okupakayiswa pezu kwobunkomo bwayo na, ize iti isey'inkomo, ifane

nganxanye nomuntu na, iqondise, itandise, ihlalise okwomuntu na? Y'into eng'enzeki nanini. Po-ke, umuntu angazitolela, angazipa yini amandhla okupakanyiswa pezu kwobuntu bwake na, aze ati eseng'umuntu, afane nganxanye noNkulunkulu uqobo na, ahlale endhlini ka'Nkulunkulu na, aqondise, atandise okuka'Nkulunkulu na, abe nenhlanhla ka'Nkulunkulu na? Y'into eng'enzeki na'kwenzeka. Amandhla lawa, umuntu anawo, angangamandhla ka'Nkulunkulu yini na? Ng'ubani-ke ongamupa amandhla anjalo na? Ng'uye uNkulunkulu yedwa zwi. E! ixotsho elicwebisayo yilo umuntu axotshiswa lona ng'uNkulunkulu, kona eyakuba namandhla okupakanyiswa pezu kwobuntu bwake, namandhla okufika endhlini ka'Nkulunkulu nokuqondisa nokutandisa nokutokozisa okwake kona. Umuntu, ngobuntu bwake, akafanelwe amandhla anjalo, akafanelwe okuka'Nkulunkulu, njengoba nenkomo, ngobunkomo bwayo, ingafanelwe okwomuntu.

Kuyabonakala ukuti umuntu os'enexotsho lelo useng'umuntu ong'uye ngempela, kodwa kase'muntu oumuntu njena, ng'umuntu os'enento yobuNkulunkulu. Pela nenkomo eb'ingatola ingqondo yomuntu isey'inkomo nganxanye, kodwa ib'ingasayikuba 'nkomo ey'inkomo njena, ib'is'iyakuba inkomo enento yobuntu.

Aike, *uAdam noEva, ukudalwa kwabo, baxotshiswa lona lelo 'xotsho elicwebisayo.*

S'azi ngani ukuti abantu bokuqala baxotshiswa lelo 'xotsho na? Kuninginingi okwazis' ukuti babenalo. Kepa kuyabonakala ikakulu ngokuba into enkulu ey'enziwa umSindisi wabantu, ng'ukubuyisela abantu lona lelo 'xotsho, amandhla belu okufika ezulwini.

81. Amanye amaxotsho, uNkulunkulu owaebaxotshisa wona abantu bokuqala, ng'amapi na?

Amanye amaxotsho, uNkulunkulu owaebaxotshisa wona abantu bokuqala, y'ingqondo epeleleyo yokuqonda izinto ezikona, unembeza, nenhlanhla epeleleyo.

Ukudalwa kwabo, uAdam noEva, basebeng'abantu abakulile, *ingqondo yabo* yaseipelele. Yainkulu yona kakulu nje kuneyetu eseyonakele ngokwona. Kutiwa enCwadini ey'ingew.: *Yati inKosi uba yenze ngomhlabati zonke izilwane zomhlaba, nezinyoni zas'emkatini, yaziyisa ku'Adam, ukuze yena abone ukuti uzozibiza ngokuti-ni: ngobapela loko, uAdam owabiza ngako izilwane, noma yikupi, kuyilo igama lazo.* *) Kuy'ezwakala belu ukuti, ngengqondo yake, uAdam waqonda yileso naleso

*) 1. Mos. 2,19.

'silwane, *ubuni bwaso.* Kitina-ke, ukuti »inkomo«, »ibubesi«, nani nani seku amagama nje.

Nentando yabo yainhle hle; ng'unembeza lwodwa olwalukona, ugovana lwalungakabiko. Nampo »*bobabili babenqunile, uAdam nomkake pela, noko babengakwelwa 'nhloni.*«[1]) Kwenziwa y'ini? Kwenziwa ngoba ugovana lolo lwalungeko na'kubako, babengaboni, bengafisi 'luto olupambene nonembeza, olupambene nomteto ka'Nkulunkulu pela.

82. Abantu bokuqala babehlezi-pi na.

Abantu bokuqala babehlezi emparadisweni.

»*Aike, uNkulunkulu waetshalile imparadiso eEden ngas'empumalanga, iyo-ke owabeka kuyo umuntu ab'emdalile.*«[2]) Ukuti »imparadiso« kuti ingadi enhle kakulu. — Kwakung'aziwa ukuhlupeka nosizi nobuhlungu. Nokufa kwakungeko: »*Ukumd'ala umuntu, uNkulunkulu wacte, angaze wafa .... kanti ngomona ku'Satana kwangena ukufa emhlabeni wonke.*«[3]) UNkulunkulu wati: »*Ungadhli izitelo zomuti wokwazisa okuhle nokubi; ngobapela, mhla uyakudhla ezawo, us'uyakufa*«[4])

Kuvam' ukufunyaniswa ezizweni zamaqaba izindekazi, ezona namhla sezinjengênganekwane, ezi'siqu sazo sil'iqiniso noko, ngoba ziyafakaza ukuti bonke abantu, ngitsho nababengasamkonzi uNkulunkulu ong'uye, bab'ezwile k'okoko babo ukuti kwakukona isikati, abantu ababehlezi kahle ngaso, baza balahlekelwa inhlanhla ababenayo. Lapa-ke kwelabansundu nans' indaba yonwabu; kutiwa lwatunywa uNkulunkulu, luzoti ku'bantu, abayikufa.

83. UNkulunkulu wati, uAdam noEva ababe y'ini ngomzimba nangompefumulo na?

UNkulunkulu wati, uAdam noEva ababe abantu bohlanga ngomzimba nangompefumulo.

Nyomzimba:— UNkulunkulu wabahlaklamelisa (uAdam noEva), *wati: Zalanani n'ande, nigcwalise umhlaba.*«[5]) »(UNkulunkulu) *w'enza ukuba sonke isintu s'ake umhlaba wonke, sivele nga'munye.*«[6])

Esahlukweni sesi5 senewadi soku1 ka'Moses kubaliwe zonke izizukulwane, zitatela ku'Adam, zigcina ngoNoe; kuyabonakala-ke ukuti uNoe waey'inzalo ka'Adam. Esahlukweni we10 sayona leyo 'newadi kubalwe zonke izizwe eziy'izizukulwane zamadodana ka'Noe: uSem, uKam, uYafeth. Ekugcineni kutiwa-ke: *Yizo izi-*

[1]) 1. Mos. 2,25.—[2]) Mos. 2,8. —[3]) Hlak. 2,23-24.—[4]) 1. Mos. 2,17. —[5]) 1. Mos. 1,28.—[6]) Enz. 17,26.

:ukulwane zika'Noe, imindeni nezizwe zakubo. Ke, zati zidabuka kuzo izizwe, z'ahlukana, z'aka umhlaba emva kuka'zamcolo. *)

UKam (loku ng'ukuti «uMnyamana») waenamadodana amane: UKus, uMesraím, uPhut (yiti uFut), uKánaan. UKus ung'ukoko wezizwe zas'eEthiopia kuleli las'eAfrika. UMesraim noPhut bang'okoko bezizwe lezo zas'eAfrika ezaz'ake enyakato. Kuyabonakala-ke ukuti uKam, oyena, ukuqanjwa kwake ng'uNoe, kwatiwa «uMnyamana» kumbe «Onsundu», ung'ukoko wabantu abamnyama.

Uma kusuka kutiwa, ukuvela kwabantu bonke ku'Adam noEva kuy'into ekona yini, inganti abanye bamhlope, abanye bempofana (njengamaLau namaTshaina), abanye bebomvana (njengamaIndiani as'eAmerika), abanye bemnyama bensundu, kuyabonakala ukuti aku'ndaba leyo. Akuko 'muntu, ngitsho nomhlope qwa, o'mbala wapansi kwesikumba sake umhlope qwa; lo'mbadhlana ofunyaniswa pansi kwesikumba *umpofana* naku'mlungu omhlope impela. Futi, angiti nabantwana ba'ndhlini'nye babazali abamnyama: abanye bamnyama kakulu, abanye bansundu nje, abanye bampofu, abanye bamhlotshana, e! angiti ngezinye izikati abantu *abamnyama* bazala umuntu o'mbala *umhlope,* okutiwa «inkau»? Ngako-ke umbala wona ngokwawo au'nto ya'nto.

Ngompefumulo:—Njengoba abantu bokuqala babeyozala abantu, abanomzimba pela onjengowabo (onamehlo nêndhlebe nomlomo namakala nani nani), kanjalo inzalo yabo yaiyofana nabo nangokwompefumulo: uma bebekweze ixotsho elicwebisayo, nenzalo yabo ngailitolile nayo ngokuzalwa kwayo; uma bebekwezile namanye amaxotsho lawo (njengokungahlupeki nokungafi), nenzalo yabo ngaiwatolile nayo ngokuzalwa kwayo. (Akubona abazali kambe aba«zala» umpefumulo womntwana; ng'uNkulunkulu njalo owudalayo. Kepa noko umuntu wonke uy'inzalo yomuntu, ngoba uNkulunkulu esebenzisana nabazali ngokudala umpefumulo; akawudaleli ukuzihlalela wodwa, uwudalela ukuba 'nto'nye nomzimba, yikona kwoba umuntu.)

Kanjalo-ke kuyabonakala ukuti uAdam noEva, beng'*abantu bohlanga,* babey'*inkosi nenkosikazi yohlanga* futi yabantu bonke.

*) 1. Mos. 10, 32.

(b)

Ukwona kuka'Adam noEva.

84. Ng'umteto wokuti-ni, uNkulunkulu owaete, uAdam no-Eva abawulonde na?

«UNkulunkulu wamyala (uAdam) wati: Ungadhla izitelo zayilowo nalowo 'muti; kepa ezomuti wokwazisa okuhle nokubi, ungazidhli; ngobapela, mhla uyakudhla ezawo, us'uyakufa.»[1])

Kuyabonakala ukuti noEva waazi lo'mteto, ngoba, wat'es'elingwa ng'usatana, watsho wona, ukukulumisana kwabo naye.

Izingelosi, zati zixotshiswe ixotsho elicwebisayo, zavivinywa; nabantu, bexotshiswe ixotsho elicwebisayo, bavivinywa. E! ngokuvivinywa kwabo kwakuyakubonakala ukuti bayakumlalela yini uNkulunkulu na, bamlalele pela ngokulonda umteto ongenzima.

85. Ukwona kwabo, b'enza njani na?

UEva, wat'elingwa ng'usatana, wadhla isitelo somuti onqatshelweyo, wanika uAdam, wadhla-ke naye.

Kepa inyoka yainobuqili kunazo zonke izilwane zas'emhlabeni ezaz'enziwe inKosi uNkulunkulu. Yona-ke (ingeniwe usatana kumbe yena ebonakala ngesimo sayo) *yati k'owesifazana: «UNkulunkulu uniyalele-ni, wati, izitelo zayo yonke imiti yas'emparadisweni ningazidhli na? Owesifazana wayipendula wati: «Izitelo zemiti yas'emparadisweni siyazidhla; kepa uNkulunkulu usiyale, wati, izitelo zomuti opakati emparadisweni singazidhli, singazitinti, funa nga sife. Inyoka yais'iti k'owesifazana: «Ngeke nife. UNkulunkulu uy'azi ukuti, mhla niyakudhla ezawo, amehlo enu azauvuleka, kona nizakuba njengaonkulunkulu, n'azi okuhle nokubi. Owesifazana wabona-ke ukuti, bala, umuti ulungele ukudhliwa, nas'emehlweni uyabukeka, ukangile; waka-ke isitelo, wasidhla; waes'enika nendoda yake, yadhla.»*[2])

Kukona emaProtestanteni ati, kwakunge izitelo zalowo 'muti uqobo lwazo, uNkulunkulu owati, abangazidhli; ati, kuyaliganiswa nje, «izitelo zomuti onqatshelweyo kung'«ukuhlangana kwendoda nomfazi». Kuyabonakala ukuti iBandhla eliy'ingcwele lika'Nkulunkulu laliyiloku lilahla le'mfundiso. Aike, nangengqondo esinayo singazibonela ukuti kwakung'enzeke ukuba abantu bokuqala, ngokutanda ukuhlangana, baboba betanda into embi,

[1]) 1. Mos. 2,16-17.—[2]) 1. Mos. 3, 1-6.

ngobapela okwenyama kwakungakamelani nokwomoya bengak'enzi 'sono, inganti, nokubona ukuti banqunile, babona nje, isono ses'enzekile. Uma ukuhlangana *kona ngokwako* kwakuy'into embi, ngabazibonela kuqala, bengak'oni. Futi, ukutsho ukuti «abazalane, b'ande» nokuti «ngenxa yaloku indoda iyaushiya uyise nonina, inamatele ku'mkayo , uNkulunkulu wakutsho kuqala, kusekuhle, okubi kungakabiko emhlabeni. Kwazis' ukuti, uma abantu bokuqala batanda ukuhlangana kusekuhle, ngoba kungak'enzeki 'sono, kus'obala ukuti batanda into enhle. Ke, ngokutanda into enhle umuntu ang'enza isono yini?

Ngako-ke, uma kukona abati, abafundisi beBandhla elikatolike bayifihla le'ndaba ngoba b'ejaba ukuyitsho, banamanga. B'ejabele-ni po, loku iBandhla elikatolike liyiloku lipikelela ukuti *kunjengoba kubaliwe eBaibeleni*, ukuti y'izitelo zomuti lowo *ugobo lwazo*, uNkulunkulu owati, abangazidhli.

Inyoka leyo yainge 'nyoka njena; kwakung'usatana, owati, eyingenile kumbe ebonakala ngesimo sayo, wakuluma, njengoba naku! esAmbulweni kutiwa: *Isilo leso esikulu, inyoka endala okutiwa umCebi noSatana.*«*)

86. Isono sabantu bokuqala sasisikulu na?

Yebo, isono sabantu bokuqala sasisikulu kakulu.

Inqondo yabo, babehlakanipe kakulu, beqonda kahle umteto ka'Nkulunkulu. *Intando yabo* yaingak'onakali. Noko bakolwa akutshilo umlingi kunab'ekutshilo uNkulunkulu, b'eqa umteto wake, bazikukumeza futi, befun' ukufana noNkulunkulu (*«niyakuba njengaonkulunkulu»*). Sasisikulu nangoba balahla ixotsho elicwebisayo. Sasisikulu nangenxa yako konke okubi okwavezwa yiso.

87. Ngesono sokuqala uAdam noEva b'enziwa-ni na?

Ngesono sokuqala uAdam noEva balahlekelwa ixotsho elicwebisayo kanye namanye amaxotsho, basebeba s'emandhleni ka'satana.

Balahlekelwa *ixotsho elicwebisayo*, amandhla pela okufika ezuiwini. Ngako-ke sebaba s'emandhleni ka'satana, bafanela ukuhlauliswa esihogweni. Ngani na? Ngoba babedalelwe izulu. Uma babedalelwe ukuhlala nje lapa emhlabeni, bedalelwe inhlanhla yalapa nje yona yodwa, ngitsho belu *elingene nje nobuntu* kupela, bebeyauhlaula lapa emhlabeni kube kupela nje, inhlaulo yabo ngaibe elingene nje nobuntu. Kanti babedalelwe ukuhlala

*) Amb. 12 :9

ezulwini nenhlanhla yakona, ngitsho-ke *edhlula ubuntu;* ngako-ke nenhlaulo eyais'ibafanele ngokwona kwabo, belahle amandhla adhlula ubuntu (ixotsho elicwebisayo), kuy'inhlaulo *edhlula ubuntu,* eyas'esihogweni pela.

Balahlekelwa *amanye amaxotsho* ababewaxotshiswe ngenxa yexotsho elicwebisayo: — (1) Kuqala babenentando enhle, benonembeza lwodwa; bat'uba b'enze isono, inhliziyo yabo, intando yabo yayonakala nganxanye, basebenonembeza *nogovana futi.* «*Kwasokuvuleka amehlo abo bobabili; bati-ke, seb'azi ukuti banqunile, bazitungela amaqabunga omkiwane, baz'enzela okwokwembata.*»[1]) — (2) Ingqondo yabo yais'incipa nayo njengentando yabo. — (3) Bati bengakwazi ukuhlupeka nosizi nokufa kuqala, basebeba nomteto wokuhlupeka nokufa. «*Ngoba ulalele izwi lomkako, wadhla isitelo somuti, engati, ungasidhli, umhlaba aube us'uqalekiswe ngenxa yokwenzileyo; kwoya ngokukatazeka okuningi ukuba udhle okuwezwa yiwo yonke imihla yokuhlala kwako . . . . uze ubuyele emhlabatini owatatwa kuwo.*»[2]) — (4) Baxotshwa emparadisweni. «*InKosi uNkulunkulu wamxotsha* (uAdam) *emparadisweni yas'eEden . . . . . waza wabeka pambi kwemparadiso amaKerubim nesinkemba esivut' umlilo esiti shalu, kona ezolinda indhlela eya emtini wempilo*»[3])

Indaba *yomuti wempilo* inqabile. Kuyabonakala ukuti, inxa abantu babedhle izitelo zalo'muti, *sebenaso* isono ngokudhla izitelo zowokwazisa okuhle nokubi, *besenaso,* ngab'enza isono okutiwa «isixabelelo» (esifana nokwamukela ikomunione eliy'ingcw. ngokungeyiko), ububi ngasebwati ne nabo, bafane nosatana, bangaze baba namandhla okusindiswa. Yiko owaekukomba uNkulunkulu, eti: «*Funa nga* (uAdam) *'elule isandhla, atate nesitelo somuti wempilo, asidhle, ab'es'ehlala* (emubi) *nanini . . . , waes'emxotsha emparadisweni.*»[4]) Kukulunywa ngawo futi esAmbulweni sika'Johannes ocw., kutiwa: «*Onqobileyo ngiyakumnika isitelo somuti wempilo os'emparadisweni ka'Nkulunkulu wami, asidhle.*»[5])

(c)

Isono sakuqala.

88. Ngesono sabantu bokuqala isintu sonke s'enziwa-ni na?

Ngesono sabantu bokuqala isintu sonke satoliswa sona leso 'sono kanye nako konke okubi okuvele kuso.

«*Kungomuntu munye ukuba isono sangena emhlabeni . . . ukwona kwake, kw'ona bonke.*»[6]) Indoda eng'uyise wabantwana, eng'umnumzana, uma itole icala enkosini, angiti wonke umuzi wayo us'utole icala na? E! ukwona, ukwenza isono, kw'ona

[1]) 1. Mos. 3, 7. — [2]) 1. Mos. 3,17. 19. — [3]) 1. Mos. 3, 23-24. — [4]) 1. Mos. 3, 22-23. — [5]) Amb. 2, 7. — [6]) Rom. 5, 12

yona indoda yodwa, abanye abakwayo ab'onanga; noko, ukutola icala, nabo sebelitolile. Aike, nang' uAdam eng'uyise wabantwana (abantu bonke), eng'umnumzana kulo'muzikazi omkulukazi, watola icala enkosini (uNkulunkulu), wonke umuzi waus'utola icala. Ukwona, ukwenza isono, kw'ona yena umnumzana yedwa, abanye abakwake ab'onanga; noko nabo sebetolile icala. Kunjalo-ke: «ukwona kwake, kw'ona bonke.» Ngako-ke nomprofete uti: «*Beka, ukumitwa kwami ngasengimubi, umame wangimita nginesono.*»[1])

Sesitshilo ukuti abantu bokuqala balahlekelwa *ixotsho elicwebisayo*. Umnumzana oy'induna yenkosi yakubo, inxa etole icala elikulu enkosini, angiti inkosi, ngokubane is'icunukile kakulu, ingamamuka ubuduna bwake na? ize iti, nenzalo yake aisayikuba 'nduna na? E! nang' umnumzana uAdam; waenento enkulu kakulu kunobuduna nje; watola icala elikulu enkosini yake (uNkulunkulu). Inkosi-ke, ngokuba yais'icunukile kakulu, yamamuka leyo'nto, yaza yati, nenzalo yake aisayikuba nayo, ngitsho belu ixotsho elicwebisayo, amandhla okufika ezulwini. Naku kutsho uPaulus ocw., eti: «*Tina sonke* (esing'abakwa'Israel) . . . *susing'abantwana abacunukelweyo njengabanye futi* (abezizwe).»[2])

Ngokuba uAdam, ong'umnumzana, oy'inkosi yohlanga ku'bantu bonke, w'ona, wavum' ukwahlulwa ng'usatana, inkosi yas'esihogweni, usaba s'emandhleni ale'nkosi usatana. Ngako-ke abantwana balo'mnumzana, abantu bale'nkosi, uAdam, sebaba s'emandhleni enkosi uSatana. E! angiti kunjalo yonke indawo na? Mhla uDingiswayo wam'ahlula uMadhlokovu, inkosi yas'ema-Ngadini, angiti uMadhlokovu *nabo bonke abantu bake* sebaba s'emandhleni ka'Dingiswayo na? Ke, abantwana baka'Adam bes'emandhleni ka'satana, kuyabonakala ukuti, ukugcina kwabo, *ngabeyotshona esihogweni,* babe abombuso ka'satana ngempela.

Ukuti *ingqondo* yetu seiy'ingqonjwana nje, nokuti *intando* yetu sey'enakele, ugovana lumelene nonembeza njalo, y'into esiz'azele yona sonke. «*Inhliziyo yomuntu, ukutanda nokucabanga kwayo, iqonde ebubini, seloku waba mncane.*»[3]) UPaulus ocw. uti: «*Ngiyabona ukuti ezitweni zami kukona omunye umteto opambene nomteto wengqondo yami, ongitumbile ngibe isitunjwa somteto wesono.*»[4])

Ukuti sesinomteto *wokuhlupeka nokufa,* ng'ubá ongaz'azele kona na? «*Usizi olukulu ludalelwe bonke abantu, nejoka elinzima lipezu kwabo bonke abaka'Adam, besavela esiswini sika'nina, baze b'embelwe emhlabatini, unina wabo bonke.*»[5])

[1]) Hlab. 50,7.—[2]) Ef. 2,3.—[3]) 1. Mos. 8,21.—[4]) Rom. 7, 23. [5]) Sir. 40, 1.

UNkulunkulu waedale umuntu emdalele ukungafi, . . . kepa ngomona ka'satana kwangena ukufa emhlabeni.[1]) *Ngomuntu munye isono sangena emhlabeni, ngesono-ke kwangena ukufa, kanjalo-ke ukufa kwatubeleza abantu bonke, ngoba, ukwona kwake, kw'ona bonke.*[2])

89. Lelo 'cala, abantu bonke abalitola ngokwona kwabantu bokuqala, litiwa-ni na?

Lelo 'cala, abantu bonke abalitola ngokwona kwabantu bokuqala, kutiwa, «isono sakuqala».

Ukuti uMaria ocw., uNina womSindisi, waengenaso isono sakuqala, kuyakukulunywa pambili.

90. Ngesono sabantu bokuqala umhlaba wonke w'enziwa-ni na?

Ngesono sabantu bokuqala umhlaba wonke waqalekiswa.

Kuqala umuntu waba inkosi yako konke okudaliweyo emhlabeni wonke. UNkulunkulu, wat'uma es'ezaudala umuntu, wati: «*As'enze umuntu . . . ., abuse izinhlanzi zas'olwandhle nênyoni zas'emkatini nezilwane, nomhlaba wonke, nazo zonke izilokazana ezinwabuzela emhlabeni.*»[3]) Nembala-ke konke okukona kwamvuma umuntu ukuti uy'inkosi yako, konke kwahlalisana ngoxolo nomuntu, ngitsho nezilo nezilokazana nênhlanzi nênyoni. Kwati-ke ngokwona kwomuntu, kw'onakala lo'mteto. Wati uNkulunkulu: «*Umhlaba aube us'uqalekisiwe ngenxa yokwenzileyo; uyaukuvezela ameva nekakasi, udhle imitshana yas'endhle. Ngesitukutuku sobuso bwako us'uyakudhla isinkwa sako.*»[4]) «*Ukun'esaba nokunixwaya, zonke izilo zas'endhle nênyoni zas'emkatini nako konke okunwabuzela emhlabatini nênhlanzi zas'olwandhle mazin'esabe, zinixwaye.*»[5])

(Ukuti umhlaba wonke, ngokwona kwomuntu, nawo sowaba s'emandhleni ka'satana nokuti nawo wabuya wakitshwa kuwo, mhla uJesu wasindisa abantu, kufumaniseka lapo kukulunywa kona *ngamasakramentale.*)

(d)

Ukuhlaula icala lesintu.

91. Kwati isintu sesitole icala ku'Nkulunkulu, umuntu oumuntu njena waengalihlaula na?

Qabo, umuntu oumuntu njena waengehlaule icala, isintu esasilitole ku'Nkulunkulu.

[1]) Hlak. 2, 23-24. [2]) Rom. 5, 12.—[3]) 1. Mos. 1, 26.—[4]) 1. Mos. 3, 17-19. —[5]) 1. Mos. 9, 2.

Ukuhlaula icala lesintu, ukusikipa emandhleni ka'satana, ukusixolisela uNkulunkulu, ukusibuyisela amandhla okufika ezulwini, ukusibuyisela ixotsho elicwebisayo—umuntu oumuntu njena uy'ahluleka. Ngani na? Ngoba ukwona, kw'ona umuntu kambe, kanti ukwoniwa kw'oniwa uNkulunkulu, nangoba ixotsho elicwebisayo liy'into edhlula ubuntu.—*Ukwona nokwoniwa:* Uma umuntu ebulala umfokazana, l'icala elikulu; uma ebulala induna, l'icala elikulu kunalelo; uma umuntu ebulala inkosi uqobo, l'icala elikulukazi. Kepa noko ng'*umuntu owonayo,* ng'*umuntu owoniwayo.* Kanti isono sabantu bokuqala, isono sesintu sonke, ng'*umuntu* kambe *ow'ona,* kanti ng'*UNKULUNKULU ow'oniwa.* Manje-ke, njengoba kwatiwa, leli'cala alina'kupela *lingahlaulwanga ngokulingeneyo,* kus'obala ukuti umuntu uy'ahluleka; ngani na? ngoba umuntu kasiye uNkulunkulu, akangango-Nkulunkulu, kalingani naye.—Njengoba ixotsho elicwebisayo liy'into edhlula ubuntu, umuntu oumuntu nje, ongenalo leli 'xotsho, elimfukulayo umuntu aze afane nganxanye noNkulunkulu, kana'mandhla okuzibuyisela nokubabuyisela abanye lelo 'xotsho elicwebisayo eliy'into e'luhlobo lwobuNkulunkulu. Ke, *bonke* abantu balahlekelwe yilelo 'xotsho, kwakungaseko 'muntu osenalo. Ngako-ke kwakungaseko 'muntu onamandhla okuhlaula icala elatolakala ngokulilahla, nokulibuyisa selilahlekile.

92. Po-ke, njengoba abantu ngokwabo b'ahluleka ukuhlaula icala labo, uNkulunkulu watsho yini ukuti ababube bonke na?

Qabo, uNkulunkulu akatshongo ukuti ababube bonke, wabahaukela abantu, wabatembisa umSindisi.

Kona emparadisweni uNkulunkulu waqalisa ukutembisa abantu ukuti kuyakuvela owokubasindisa. Nant' izwi owalitsho kona (litiwa ul'roto-Vangeli» okung'ukuti «ivangeli lokuqala»), wati: «*Sengifaka inzondo pakati kwenu* (inyoka, usatana) *nowesifazana napakati kwenzalo yako neyake. Yena-ke* (owesifazana) *uyakunyatela ikanda lako aliti fohlo, wena-ke uqape ulobizele isitende sake.* [1]) Yileli'zwi elagcwaliseka, mhla owesifazana (uMaria ocw.) wanyatela ikanda lika'satana waliti fohlo, wamahlula pela ngenzalo yake (uJesu).— *Njengaloko ngesono samunye* (uAdam) *bonke abantu babeyolahlwa, kanjalo nangokulunga kwamunye* (uJesu) *bonke abantu bayolungiselwa ukupila . . . kona koti, njengoba kwabusa isono sabulala, kanjalo nezotsho libuse ngokulungisa, litolise* (abantu) *ukupila kwapakade ngoJesu uKristo, inKosi yetu.*» [2])

[1]) 1. Mos. 3,15.—[2]) Rom. 5,18.21.

93. UmSindisi watshetsha wafika na?

Qa, umSindisi w'epuza ukufika.

Iminyaka eyadhlula kwaza kwafika umSindisi ingati y'izin4000. Ngalezi 'zinkulungwane zeminyaka imvama yezizwe zacezuka ku'Nkulunkulu ong'uye; kangitsho ukuti abantu babengasamazi uNkulunkulu nakanye, kodwa babengasamkonzi yena yedwa, bakonza onkulunkulu abangeyibo (sesakuluma loku ku'*number* 35). Ngako-ke uNkulunkulu waketa isizwe sasinye, esakwa 'Israel, wati asimkonze yena uNkulunkulu ong'uye, was'enyula, wati, yiso umSindisi ayauvela kuso.

(e)

Seloku kw'enzeka isono sokuqala, abantu betenjiswe ukuti bayakusindiswa, indaba ka'Nkulunkulu nabantu is'iti-ni na?

94. UNkulunkulu wat'uba 'oniwe ng'abantu, waes'etsho yini ukuti kasabafuni, kasayikubanaka na?

Qabo, uNkulunkulu, nakuba w'oniwa ng'abantu, usabanakile, usabakweza bona nomhlaba wonke.

Kus'obala ukuti uNkulunkulu waengacita isintu nomhlaba wonke. Kanti wahaulwa abantu. «*UNkulunkulu kasiye ow'enze ukufa, kajabuliswa ng'ukububa kwabakona.*»[1]) «*Ngifunga ukuba-kona kwami, itsho njalo inKosi uNkulunkulu, ang'enameli ukufa kwomubi, ng'enamela ukupenduka kwomubi endhleleni yake, apile.*»[2]) Kw'enziwa yiloku ukuba uNkulunkulu watanda ukuba abantu basindiswe. Ke, etanda loku, uhleze ekweza umhlaba nabantu, uhleze ebabonelela.

Naku kutiwa enCwadini ey'ingcw.: «*UNkulunkulu wenze umfokazana njengenkosi nayo, ubonelela bonke, omunye njengomunye.*»[3]) UJesu wati: «*Angiti imizwilili emibili iteng*wa *ngendibilitshana? Noko akuko na'munye nje ongawa pansi emhlabatini ngapandhle kuka'Yihlo. Ke, nezinwele nje zas'ekanda lenu zibaliwe zonke. Ngako-ke ning'esabi, loku ni-dhlula imizwilili eminingi.*»[4]) Wati futi: «*Ngako-ke ngiti kinina, ningaxobiseki ngokupila kwenu ukuti ningadhla-ni, nangomzimba wenu ukuti ning'embata-ni. Angiti ukupila kuy'into enkulu kunokudhla na, nomzimba angiti uy'into enkulu kunengubo na? Bekani izinyoni zas'emkatini, nibone ukuti azihlwayeli, azivuni, azibuteli ezinqolobaneni, uYihlo-ke was'ezulwini uzipa ukudhla. Angiti nina ninenana elikulu kunazo na? . . . .*

[1]) Hlak. 1,13.—[2]) Ez. 33,11. —[3]) Hlak. 6,8. [4]) Matth. 10,29-31.

Nangokwembata nizixobisela-ni na? Bekani imiduze yas'endhle, nibone ukuti 'imila kanjani: aisebenzi, ayaluki. Kepa ngiti kinina, noSalomon eyqoke ngokwobukosi bwake bwonke waeng'embatisi okwamunye pakati kwayo. Po, nxa utshani bwas'endhle obukona namhlanje, kusasa buponswe eziko, uNkulunkulu ebwembatisa kanjalo, kakulu kangakanani anga-n'embatisa nina eni'kukolwa 'kuncane na? Ngako-ke ningaxobiseki ngokuti. sodhla-ni na, kumbe sopuza-ni na, kumbe sokwembata-ni na. Ngoba konke loku abezizwe bayakufunisisa. Inganti uYihlo 'azi ukuti niyakuswela konke loku. Ngako-ke qalani 'nifune umbuso ka'Nkulunkulu, nokulunga kwawo: besen'elekelelwa konke loku.» *)

95. Po-ke, uNkulunkulu etanda, ebonelela abantu, udedelele-ni okubi kungene emhlabeni na?

UNkulunkulu, nakona ebatanda, ebabonelela impela abantu, udedele okubi kungene emhlabeni, ngoba wafuna ukunika abantu amandhla okuz'enzela.

Nans'into enkulu, uNkulunkulu amnike yona umuntu, *intando, amandhla okuz'enzela* pela. Izilwane, nazo zinentando etize, kanti intando yazo idalelwe umteto wayo ongaguquki: inkomo ka'Adam yatanda utshani, nenkomo efuywa yitina isatanda utshani, ukupela. Nênyosi zika'Adam zatanda okumtoti, ngoba zatanda ukwenza uju, nênyosi zanamhla zisatanda okumtoti, ngoba zitanda ukwenza uju, ukupela. Umuntu akanjalo—ang'enza into etize, nalapo engatandi, unamandhla okungay'enzi; angaketa, ukuti, angashiya ukuti; angatanda okuhle, angakutanda okubi (ai ngoba kukubi ngokwako, akutande ngoba ekutshaya into enhle kuye).

Amuko kambe kwab'aziyo into ekona opika ukuti, ngesono sokuqala intando yomuntu y'onakala, yancipa. Kodwa nakuba y'onakala, nakuba yancipa, yona uqobo lwayo isekona, njengaloku siz'azele sonke ukuti kunjalo. Kwati kungakabiko 'sono, intando yomuntu yatanda *okuhle okuyiko* kona kodwa. Seloku kw'enzeka isono, intando yomuntu is'ingatanda nokubi, ngokuba ikufanisa nokuhle; pela, is'ingabanga *okuhle okungeyiko*. Nakuke ukwonakala kwentando okukona.

AmaProtestante, ikakulu aka'Kalvin naka'Luther, ati: umuntu upelelwe nyá amandhla okuz'enzela. Ngako-ke ati, umuntu, noma 'enza okuhle, uy'enziwa, kaz'enzeli; noma 'enza okubi, uy'enziwa kaz'enzeli; akuko 'eala-ke kuyena umuntu. Ati, odalelwe izulu, uyakufika kona, noma 'enza okuhle, noma 'enza

*) Matth. 6,25-26. 28-33.

okubi; nodalelwe isihogo, uyakutshona kona, noma 'enza okuhle, noma 'enza okubi. Ukupela-ke, umuntu akolwe ku'Jesu 'Kristo. Kuyabonakala ukuti, akaboni ukuti ukutsho njalo ng'ukujïvaza uNkulunkulu, ngoba osuk' etsho njalo, kuyabonakala ukuti, akamazi uNkulunkulu ukuti uy'ini nokuti unjani. InCwadi ey'ingcw. aitsho njalo, njengoba nomuntu, o'ngqondo isapelele, ez'azele ukuti akunjalo. Naku kutiwa: « *Namhla-ke ngiti, izulu nomhlaba kokubili kungifakazele ukuti ngibeke pambi kwenu ukupila nokufa, ukuhlahlameliswa nokuqalekiswa. Ngako-ke keta ukupila, kona uyaupila wena nenzalo yako, utande inKosi uNkulunkulu wako, ulalele izwi layo, unamatele kuyo.*»[1]) « *Ngako-ke konzani inKosi! . . . Kepa inxa, ukubona kwenu, ukuyikonza inKosi kukubi, ningaziketela: ketani-ke namhla enikubonayo ukuti, kuhle ukukonza ubá, ngitsho onkulunkulu, oyihlo ababebakonza eMesopotamia . . . yini na? Kanti mina nabami sokonza inKosi.*»[2]) « *Ungaboti, ng'uNkulunkulu owenze ukuba kungabiko* (ukuhlakanipa kitina), *loku (kwanele ukuba) ang'enzi okuzondeka kuye. Unyaboti, uye* (uNkulunkulu) *ongipambekisile, inganti abantu ababi y'into engaswelekile kuye. InKosi izonda onke amanyala 'enziwa ng'ukupambeka, nabay'esabayo abawatandi nabo. Ng'uye uNkulunkulu owamenza umuntu kona ekuqaleni, wamshiya-ke ezandhleni zenhliziyo yake. Pezu kwaloku watshaya imiteto nemiyalo yake: uma utanda-ke ukulonda imiteto yake, nokwenzisa okwotembekileyo nanini ngokuzitandela kwako, yona* (imiteto) *iyaukulonda.* (InKosi) *ibeke amanzi nomlilo pambi kwako: okutandayo, welulele isandhla sako kuko. Kubekiwe pambi kwomuntu ukupila nokufa, okubi nokuhle: akutandayo, yikona loku ayaunikwa kona. Ngobapela kukulu ukuhlakanipa kuka'Nkulunkulu, futi unobuqwaga njengamandhla anawo, uyiló ebonisisa bonke. Amehlo enKosi abeke abay'esabayo, yazi zonke izenzo zomuntu. Aiyali 'muntu iti, ak'enze okubi, aivumeli 'muntu ukuba 'one.*»[3]) « *Oti evivinyiwe wafunyaniswa etembekile, ukulunga kwake epelele, uyakuba nodumo olungena-'kupela: ngobapela wati eng'ona, ak'ona.*[4]) *Uma utanda ukungena lapo kukona ukupila kwapakade, londa imiteto!*[5]) *Yilowo nalowo akipe anako njengokuziqumela enhliziyweni yake, ai ngokuhlupeka, ai ngokupoqwa: loku uNkulunkulu etanda umniki onika ngokujabula.*[6]) *Kanti ngangingatandi*

[1]) 5. Mos. 30, 19-20.—[2]) Jos. 24, 14-15.—[3]) Sir. 15,11-21.—[4]) Sir. 31,10.—[5]) Matth. 19, 17.—[6]) 2. Kor. 9, 7.

ukwenza 'luto ungavumanga wena, ukuze okuhle okwenzayo kung'enziwa ngokupoqwa, kwenziwe ngokuzitandela. [1])

Nans' *into eyesabekayo,* uNkulunkulu amnike yona umuntu, ngitsho yona intando, amandhla okuz'enzela. Njengoba uNkulunkulu etanda ukusivivinya, usinike lawa 'mandhla: uma siwasebenzisela okuhle, kuhle; uma siwasebenzisela okubi, siwasebenzisela loko pela uNkulunkulu angakufuni, *sinamandhla okwahlula yena uNkulunkulu* isikati esitize; yena ati, ungakwenzi ukuti, wena-ke uvele uti, ngiyakwenza noko. Nembala uNkulunkulu uyakudedela, uz'enzele, angakuciti konamanje; inganti, nokwenza kona okubi okwenzayo, uNkulunkulu uyakukwezela amandhla okukwenza. E! Nakuba yena engatsho, engafuni nakanye ukuba ukwenze, uyakushiyela amandhla okukwenza. *Naku-ke ukwesabeka kwamandhla okuz'enzela!*

Po-ke, umuntu ohlakanipile ak'enze njani na? Nako! izingelosi zanikwa wona lawo 'mandhla, ezinye zafuna ukumahlula uNkulunkulu; kwaza kw'ahluleka 'bá? Kw'ahluleka zona. Ke, umuntu naye enamandhla okumahlula uNkulunkulu isikati esitize, kuyauke kwahluleke 'bani? Kuyakwahluleka umuntu njalo. Ngoba, nakuba uNkulunkulu evam' ukumdedela umuntu isikati esitize, amahlule uNkulunkulu wake, umEnzi nomDali wake, inKosi yake, yena 'mNini 'mandhla onke, — uma umuntu engalungisani naye ngesikati esiyiso, ukubekezela kuka'Nkulunkulu kuyaupela ngelinye ilanga, kona-ke umuntu eyakwahluleka nyá, atshone esihogweni. Ngako-ke ohlakanipile angabona ukuti, kungcono ukuba angalingi ukumahlula uNkulunkulu, namandhla ake okuz'enzela awasebenzisele okuhle kodwa, awasebenzisele loko pela uNkulunkulu akutandayo.

96. Okubi abakwenzayo abantu kuvumelene yini nokuti, uNkulunkulu uyababonelela, na?

Yebo, okubi abakwenzayo abantu kuvumelene nokuti, uNkulunkulu uyababonelela, ngoba uyakwazi ukwenza ukuba nak'okubi kuvele okuhle.

Nang' uJosef was'eGipite eti ku'bafo wabo: *»Naniceba amacebo amabi ngami, kepa uNkulunkulu wawapendula, w'enza ukuba kubuye kube kuhle.»* [2]) — Nank' amaJuda ebulala inDodana ka'Nkulunkulu ngenzondo nangomona wawo; kanti, kwati wona enza okubi kakulu impela, kw'enzeka ukubonga loko, eyasindisa ngako umhlaba wonke. — Aike, nanamhla kusenjalo. Nas' isaga siti: *»Akuko 'buhlakani, akuko 'buqili, akuko 'cebo eling'ahlula inKosi»* [3])

[1]) Filem. 14. — [2]) 1. Mos 50, 20. — [3]) Ag. 21, 30.

97. Ukuhlupeka oku'nhlobonhlobo okukona kuvumelene yini nokuti, uNkulunkulu uyababonelela abantu, na?

Yebo, ukuhlupeka oku'nhlobonhlobo okukona kuvumelene nokuti, uNkulunkulu uyababonelela abantu, ngoba ngako ongalungile angapenduka, nolungileyo angazuza umvuzo.

Abafo wabo baka'Josef was'eGipite bati; «*Ukuhlupeka kwetu l'icala letu, kungoba' samona umfo wetu.*»[1]—UManasses, inkosi yakwa'Israel, wati ekonzise abantu bake onkulunkulu abangeyibo, watunjwa y'inkosi yakwa'Assur, wabotshwa ngamaketanga kuhle kwesilo sas'endhle. «*Wati-ke uma es'ehlupeka kakulu, wakuleka enKosini uNkulunkulu wake, waza wahlaula kanzima ku'Nkulunkulu waokoko bake.*»[2] Nanamhla uNkulunkulu usazama ukupendukisa abantu ab'onayo ngokub'ehlisela ukuhlupeka nosizi nezifo nendhlala nani.

UMoya ocw. uti: «*Isiliva negolide kuhlanzwa ngomlilo; abantu-ke abatandwa ng'uNkulunkulu bahlanzwa eziko lokufojiswa.*»[3] UJesu uti: «*Ninenhlanhla lapo benituka, benihlupa, betsho yonke into embi ngani ngenxa yami begamb' amanga; tokozani n'esase, ngoba iholo lenu loba likulu ezulwini.*»[4]

98. Ngako-ke ekuhlupekeni kwetu, sifanele ukwenza njani na?

Ekuhlupekeni kwetu sifanele ukubekezela ngenhliziyo etobileyo.

EnCwadini ey'ingcw. kutiwa: *Emtandayo inKosi ng'uye emtshayayo.*»[5] «*Omelwe ukudunyiswa uyafojiswa kuqala.*»[6] «*Ukuba ab'onayo kabadedelwa isikati eside ukwenza abakutandayo, nokuba b'ehlelwa masinya înhlaulo, kuyakomba ukuti* (uNkulunkulu) *ubasizile.*»[7] «*Abamtandayo uNkulunkulu, konke kuyabapendukela kube kuhle.*»[8]

Namp' ubuula bwabantu abamnyama, abat' inxa bevelelwa ukuhlupeka noma yikupi, babe yiló bebuza umtakati. Os'emazi uNkulunkulu, ukuti uye opete konke, uye obonelela abantu, abahle nababi, nokuti akuko'nto eng'enzeka ngapandhle kwake, nokuti kukona okuhle akubonayo nalapo ededela okubi kumehlele umuntu, ngiti-ke umuntu onjalo akabuzi 'mtakati. Ubuza-ni? Uyazibuza ukuti, konje mina sengamona uNkulunkulu na? Ati-ke uma ebona ukuti, yebo sengamona, angazitoba, ati, kulungile belu, ake ngihlaule amacala enginawo kuye uNkulunkulu. Ati-ke uma ebona ukuti, qa, angikamoni kakulu uNkulunkulu, angazitoba naye, ati, aike njengoba uNkulunkulu eng'ehlisele ukuti, uyangi-

[1]) 1. Mos. 42,21.— [2]) 2. Xuny. 33,12.— [3]) Sir. 2,5.— [4]) Matth. 5,11-12. —[5]) Heb. 12,6.— [6]) Ag. 18,12.— [7]) 2. Makk. 6,13.— [8]) Rom. 8,28.

vivinya; ake kwenzeke intando yake, ngizizuzele iholo elikulu engiyakuholelwa lona ezweni lapambili.—Kuyabonakala ukuti ikolwa elibuza njalo umtakati njengeqaba, alisilo ikolwa, l'iqaba elingamazi uNkulunkulu.

(Indaba yokutakata iyakukulunywa lapo kwotatwa kona umteto woku 1 ka'Nkulunkulu.)

99. Ukuhlala kahle kwabantu ababi lapa emhlabeni kuvumelene yini nokuti, uNkulunkulu uyababonelela abantu, na?

Yebo, kuvumelene, ngoba uNkulunkulu, 'azi ukuti abafuni ukupenduka nokuti bayakutshona esihogweni, uyabaholela lapa emhlabeni ngenxa yokuhle abakwenza.

Amuko omubi ngokuti nyá, kukona njalo okuhle okutile akwenzayo. Manje-ke kwelipambili umuntu onjalo angeholelwe. Ngako-ke uNkulunkulu uyamhoiela lapa ngenhlanhla etize, okunjengokufuya kakulu, ukubusa, ukupila nani nani. Nang' uJesu eti: «*Niyælekile nina 'zicebi bo, ngobapela seniyitolile inhlanhla yenu* (lapa emhlabeni).»[1]) Nant' elinye izwi las'enCwadini ey'ingcw. liti: «*InKosi iyabekezela isikati eside, yikona iyakubahlaulisa, la amacala es'egcwele mhla kufika usuku lwecala.*»[2]).

100. Umuntu ewapiwe amandhla okuz'enzela, kufanele ukuba akumbule-ni njalo na?

Umuntu ewapiwe amandhla okuz'enzela, kufanele ukuba akumbule njalo ukuti umNiniyena, ukumupa wona, wenzele ukumvivinya.

Uma mina ngisuka ngigaula umsimbiti, besengiwubaza ngowami umese, ngesami isandhla, induku engiz'enzele yona ng'eyami, nging'umniniyo. Uma nginenkomo, ib'is'izala enye inkomo, izalele mina 'mniniyo.

UNkulunkulu wadala abantu bokuqala, umzimba nompefumulo wabo. Uye futi owabadalela amandhla okuzala abanye, naye esebenzisana nabo ngokudala umpefumulo. Ngako-ke kus'obala ukuti ng'uNkulunkulu ong'umEnzi womuntu. Ke, eng'umEnzi womuntu, umuntu uy'into yake, uy'impahla yake. Ngako-ke uNkulunkulu ung'umNini'muntu (*number* 69,4).

Ngiti-ke nging'umnini'nduku, leyo 'nduku is'emtetweni wami: inxa ngitanda ukuhamba ngayo, aina'kwala; inxa ngitand' ukumba ngayo umuti, nging'emba ngayo, ing'ali; nonxa ngitand' ukutshaya ngayo, iyavuma njalo; nalapo ngitanda ukuy'apula, ngiy'apule. UNkulunkulu eng'umNini'muntu, umuntu us'emtetweni wake, unomteto wokuvuma nokwenza konke akutandayo uNkulunkulu.

[1]) Luk. 6,24.—[2]) 2. Makk. 6,14.

nakona enamandhla okwala, induku ingenawo. E! ati-ke umuntu, enamandhla okwala, la umNiniyena etanda ukuba 'enze ukuti, kumsize-ni umuntu ukumahlula umNiniyena isikatshana lesi, inganti uNkulunkulu uyauke amahlule, kona eyakwahluleka nanini, ahlaule ngenhlaulo engena 'kupela!

Aike, *wonke umuntu*, nol'iqaba us'emtetweni wokufuywa ng'u-Nkulunkulu; akubalekeki kuwo, njengoba siyaubona napambili.

Kanti ikolwa, loku naku selimazi uNkulunkulu kakulu nje, angiti litola icala elikulu kuye, uma lingamvumi, ling'enzi akutandayo? *Inkomo iyamazi umniniyo, nembongolo iyawazi umkombe womniniyo: kanti uIsrael kang'azi* (mina 'Nkulunkulu, umNiniyena), *nabantu bami abangiqondi.*» [1])

Isahlukwana sesi2 nesesi3 somvumukolo.

"(Ngiyakolwa) naku'Jesu uKristo, inDodana yake eyodwa, inKosi yetu, owamitwa ngoMoya ocwebileyo, wazalwa l'ivirigo [2]) *uMaria."*

I.

Ukwambulwa ukuti kuyakuvela umSindisi.

101. Ukuti kuyakuvela umSindisi wabantu kwakuyiloku kwaziwa yini emhlabeni na?

Ukuti kuyakuvela umSindisi wabantu kwakuyiloku kwaziwa emhlabeni.

102. Loko 'kwazi kwakukwezwe kakulu ng'aobani na?

Loko 'kwazi kwakukwezwe kakulu ng'abapatriarke.

Elokuti upatriarke ng'elesiGreke, liti uyise obusayo, umnumzana belu owabusa isizwe sakubo njengenkosi, engabizwa kodwa ngokuti inkosi.

Upatriarke wokuqala ng'*uAdam* (wafa eneminyaka e'ma930); ng'uye nenkosikazi yake uEva, abamuzwa uNkulunkulu eti: «*Sengiyafaka inzondo pakati kwenu* (usatana) *nowesifazana napakati kwenzalo yako neyake. Yena-ke* (owesifazana) *uyakunyatela ikanda lako aliti fohlo, wena-ke uqape ulobizele isitende sake.*» [3]) Ng'uye-ke uAdam, uNkulunkulu owaqalisa ukwenza «itestamente kumbe isivumelano naye, esokuti, uyakutumela abantu umSindisi, bona-ke, nakuba babetole icala kuye, bamkonze, babe abantu bake, basinde ngokutemba ku'mSindisi oyauvela.

[1]) Is. 1,3. [2]) NgesiZulu esiyiso bekuzautiwa: «wazalwa y'inca-sakazi uMaria».—[3]) 1. Mos. 3,15.

Aike, iyo imvelo *yetestamente elidala, eyesivumelano esidala* belu, esasiyopela ngokufika kwomSindisi.

Upatriarke wesibili ng'*uSeth* ka'Adam, es'endaweni ka'*Abel* (wafa eneminyaka e'ma912). Aike, y'inkosana njalo eyaba upatriarke. Nampa ababemlandela uSeth: *uEnos* (wafa eneminyaka e'ma905), *uKainan* (wafa eneminyaka e'ma910), *uMalaleel* (wafa eneminyaka e'ma830), *uYared* (wafa eneminyaka e'ma962), *uHenok* (watatwa eneminyaka e'ma365), *uMathúsala* (wafa eneminyaka e'ma969), *uLamek* (wafa eneminyaka e'ma777), *uNoe* (wafa eneminyaka e'ma950). E! kuyabonakala ukuti babehlala isikati esideside baza bafa; *kwaba lula-ke ukuba b'azisane okwakwambulwe uNkulunkulu,* loku uAdam waesambona uHenok, noMathusala ka'Henok waesambona uNoe. [1])

Inkosana ka'Noe, *uSem,* uye upatriarke owamlandela uNoe. Bamlandela nabanye [2]), *uHeber* eng'owesitatu (abakwa'Heber = amaHeberu), *uThare* eng'owetoba, uyise ka'Abraham.

UAbraham waketwa uNkulunkulu abe *uyise wesizwe esiketiweyo.* Abapatriarke abamlandela, ng'umntanake *uIsaak,* nomntanomntanake *uJakob,* owaqanjwa ng'uNkulunkulu watiwa *uIsrael* (T. d. 19.—abakwa'Israel), nabantwana bomntanomntanake, ngitsho amadodana al'i12 ka'Jakob uIsrael; yiwo-ke ang'aokoko bemindeni leyo el'i12 ey' isizwe sakwa'Israel», «isizwe esiketiweyo sika'Nkulunkulu», okutiwa amaHeberu, okutiwa futi amaJuda kumbe abakwa'Juda. T. d. 49.

103. Po, ezinye izizwe ezafika zaba amaqaba zalahlekelwa nyá yini yiloko 'kwazi na?

Qabo, ezinye izizwe ezafika zaba amaqaba azilahlekelwanga nyá yiloko 'kwazi.

Izizwe lezo ezininginingi ezafika zaba amaqaba, ukumazi uNkulunkulu, zazisamazi nje kambe. Kodwa zaqala ukungasamkonzi yena yedwa, zakonza nezinye izinto, zati, ng'unkulunkulu , zazibumbela îndaba ngêndaba. Noko sona isiqu sendaba yabantu noNkulunkulu sakwezeka, asilahlekanga. Kuyabonakala ukuti, izizwe esezinezinkulungwane zeminyaka seloku zaba amaqaba, ziseyiwo namanje, ziyatemba nanamhla ukuti, kuyakuvela *umsindisi wabantu ong'uNkulunkulu* [abas'eIndia (lapo kuvela kona amaKula), amaTshaina, amaPersi, amaIndiani as'eAmerika, nezinye nje izizwe].

Po-ke, abantu abamnyama, bona balahlekelwa nyá yini ukwazi loko, aokoko babo abamuka nako, mhla baqala ukumuka kwa'Noe,

[1]) 1. Mos. 5.—[2]) 1. Mos. 11,10-26.

b'aza b'aka lonke leli las'eAfrika, na? Aike, nakubona umkondo waloko 'kwazi usekona.

Nans' enye indaba leyo, esesayikomba, exoxwa yibo abantu, kutiwa: «UNkulunkulu» wadala izulu nomhlaba, wadala izilwane, wadala inkomo, wadabula abantu ohlangeni; waza-ke wabatumela unwabu, luzoti, abangafi; kuzisukele intulo, ifike ku'bantu unwabu lungakafiki, iti, abafe.

Nans' enye! Kutiwa: Bonke abantu badhliwa isiQuqumadevu, ukupela kwowesifazana munye okulelweyo ongadhliwanga. Yena-ke wabeleta umntwana. Ke, lo'mntwana watshetsha wakula masinya, waba insizwa. Wahamba wabulala isiQuqumadevu, waqaqa isisu saso, kwapuma abantu.—E! isiQuqumadevu kasiye uSatana yini, yena lowo owadhla bonke abantu, ukupela kwowesifazana munye (uMaria) angamudhlanga, yena lowo owakulelwa, wazala umSindisi ow'ahlula isiQuqumadevu leso, uSatana pela.

Indaba aipeli lapa. Kutiwa, kwati uma abantu sebekululiwe, sebepume esiswini sesilo leso, umkululi wabo bamenza inkosi yabo; kepa nank' umhlola: babuya bafun' ukumbulala, baza bambulala ngempela, kodwa inhliziyo yake yaguquka inyoni. E! umKululi ong'uye, oy'inKosi eyiyo yabantu, waengamelwe yini ukubulawa abantu, nokuvuka futi la es'ebulewe, na?

UBani angasuka-ke, ati: O! înganekwane lezo, aku'ndaba ey'indaba bo! E! kambe, namhla sekunjengenganekwane nje, kepa kuqala, endulo pela, kwakuy'indaba ey'indaba: y'indaba, uAdam owaebatatela yona abantu, y'indaba yona leyo, uNoe nomfana wake, uKam, ababebatatela yona, y'indaba eyaza yaguquka inganekwane, ngamhla abantu baqala ukulahlekelwa ingqondo yayo. Lapo-ke basebeqamba-ke indaba yonwabu nentulo; kanti isiqu sendaba simi, esokuti: kuqala abantu babengayikufa, kwaza kwavela ukuti, bayakufa. Kanjalo baqamba nendaba yesiQuqumadevu; kanti isiqu sendaba simi, esokuti: kukona isilo (uSatana) es'ahlula bonke abantu, kanti sona siyakwahlulwa umKululi wabantu, abantu babuye basinde.

Aike, ukuba bekuy'isizwana esisodwa nje sabantu abamnyama esiz'aziyo lezi 'zindaba, mhlaumbe besizauti: O! indaba nje! Kanti, into ekona, z'aziwe y'izizwe ngezizwe zabantu abamnyama bas'eAfrika.

104. Yisipi isizwe es'ambulelwa ng'uNkulunkulu yonke indaba yomSindisi, engakafiki, na?

Isizwe es'ambulelwa ng'uNkulunkulu yonke indaba yomSindisi, engakafiki, ng'esakwa'Israel.

Number 102.

105. Yibapi labo 'bantu bakwa'Israel ab'ambulelwa uNkulunkulu indaba yomSindisi na?

Labo 'bantu bakwa'Israel ab'ambulelwa uNkulunkulu indaba yomSindisi ng'abaprofete.

Elokuti «umprofete» l'izwi lesiGreke; ukuhunyutshwa kwalo, kuvam' ukutiwa «umbikezeli»; kodwa, njengokupatwa kwalo endulo, singati ng«umngoma ka'Nkulunkulu», umuntu pela ohumutshela abantu ukukuluma kuka'Nkulunkulu, noma epata indaba endala, noma etsho into yamanje, noma into eyakuvela pambili.

Abaprofete ba'nhlobo'mbili:

1. *abangabalanga 'ncwadi:* uSamuel, uGad,[1]) uNathan,[2]) Ahias was'eSilo,[3]) uSemeyas,[4]) uAddo,[5]) uYehu,[6]) uMikeas,[7]) uEliezer,[8]) uHanani,[9]) uZakarias,[10]) uElias,[11]) uEliseus;[12]) nabesifazana: uMaria, udade wabo ka'Moses,[13]) uDebbora,[14]) uHolda.[15])

2. *ababala izincwadi.* Kwakusey'iminyaka engatiti ama900 kwaza kwazalwa uKristo, la baqala ukubala.—Abanye, kutiwa,

(a) ng'abakulu ngoba babala izincwadi ezinkulu: uIsaias, uJeremias benoBaruk, uEzekiel, uDaniel.—Abanye, kutiwa,

(b) ng'abancane ngoba babala izincwadi ezincane: uOseas, uJoel, uAmos, uAbdias, uJonas, uMikeas, uNahum, uHábakuk, uSofonias, uAggeus, uZakarias, uMalakias.

Abaprofete kodwa abadhula bonke abanye ng'uMoses noJohannes umBapatizi.

Kukona umprofete ongesiye owakwa'Israel, engowakwa'Abraham noko, uBálaam.[16])

106. Kwabikezelwa ukuti umSindisi uyakuba inzalo ka'bani na?

Kwabikezelwa ukuti umSindisi uyakuba inzalo yowesifazana ol'ivirigo,[17]) inzalo ka'Abraham, ka'Jakob, ka'Juda, ka'David.

Inzalo yowesifazana. - UNkulunkulu wati: «*Sengiyafaka inzondo pakati kwenu* (usatana) *nowesifazana napakati kwenzalo yako neyake. Yena-ke* (owesifazana) *uyakunyatela ikanda lako aliti fohlo.*»[18])

[1]) 1. Kos. 22,5.—[2]) 2. Kos. 7,2.—[3]) 3. Kos. 11,29. —[4]) 3. Kos. 12,22. —[5]) 2. Xuny. 12,15. —[6]) 3. Kos. 16,1.—[7]) 3. Kos. 22,8.—[8]) 2. Xuny. 20,37. —[9]) 2. Xuny. 16,7.—[10]) 2. Xuny. 24,20.—[11]) 3. Kos. 17.—[12]) 3. Kos. 19, 16. etc. —[13]) 2. Mos. 15,20. [14]) Tet. 4,4.—[15]) 4. Kos. 22,14.—[16]) 4. Mos. 22. etc. —[17]) NgesiZulu kutiwa: uyakuba inzalo yowesifazana oy' incasakazi.—[18]) 1. Mos. 3, 15.

Inzalo yevirigo.[1]) — UIsaias wabikezela wati: *Yizwani, nina 'bakwa'David... Bekani*[2]), *iviriyo lelo liyakumita, lizale indodana, igama layo, kutiwe, ng'uEmmanuel* (uNkulunkulu-unati).[3])

Inzalo ka'Abraham. — UNkulunkulu wati kuye: »*Kwoti ngenzalo yako kuhlahlameliswe zonke izizwe zas'emhlabeni.*«[4])

Inzalo ka'Jakob. — UBálaam wati: *Ngiyambona, kodwa (kayikuvela) konamanje; ngimbekile, enges'eduze kodwa. Kuyakupuma inkanyezi kwa'Jakob, kuyakuvuka induku yokubusa kwa'Israel . . . Oyakubusa . . . uyakuba owakwa'Jakob.*«[5])

Inzalo ka'Juda. — Ukuhlahlamelisa uJuda, uJakob wati: »*Akuyikusuka induku yokubusa ku'Juda nenduku yokwalusa* (abantu) *ngas'ohlangotini lwake, kuze kufike omelwe ukutunywa, oyena kuyakuba yilowo ezimbekile izizwe.*«[6])

Inzalo ka'David. — UJeremias wabikezela wati: *Bekani, itsho njalo inKosi, kuyakwvela imihla engiyakumvusela ngayo uDavid inzalo elungileyo, eyaubusa njengenkosi . . . Ngaleyo 'mihla kuyakusindiswa uJuda, noIsrael ahlale ngoxolo; ke, igama abayakuyibiza ngalo, ng'elokuti: "inKosi, isiLungi sakwiti"*«[7])

107. Kwabikezelwa ukuti kupi na, la umSindisi eyakuzalelwa kona?

Kwabikezelwa ukuti kus'eBethlehem, lapo umSindisi eyauzalelwa kona.

UMikeas wabikezela wati: *Wena-ke, 'Bethlehem lakwa'Efrata, umncinyane; ngako-ke auko kuleyo ('mizi) yakwa'Juda enènkulunywane* (zamabuto) — *kanti kuyakungivelela kuwe lowo oyakubusa uIsrael, o'kuvela kwake uvele ekuqaleni, selo kwaba nini. E!* (uNkulunkulu) *uyakubadedela* (abakwa'Israel) *b'ahlulwe* (izita zabo) *kuze kube isikati, umzali ayakubeleta ngaso.*[8]) — Kuyabonakala ukuti umuzi was'eBethlehem ng'owakubo ka-'David, lapo waezalelwe kona.

108. Kwabikezelwa ukuti umSindisi uyakuzalwa nini na?

Kwabikezelwa ukuti umSindisi uyakuzalwa, uma inkosi yakwa'Juda ingasesiye owakwa'Juda, ekupeleni kwamasonto a'ma70 eminyaka idolobo las'eJerusalem selivuselelwe.

Njengoba sizwe ku'*number* 107, uJakob wabikezela wati: »*Akuyikusuka induku yokubusa ku'Juda nenduku yokwalusa*

[1]) NgesiZulu kutiwa: Inzalo **yencasakazi.** — [2]) NgesiZulu kutiwa: Bekani, **incasakazi** leyo iyakumita, izale indodana . . .«. — [3]) Is. 7, 13. 14. — [4]) 1. Mos. 22, 18. — [5]) 4. Mos. 24, 17. 19. — [6]) 1. Mos. 49, 10. — [7]) Jer. 23, 5. 6. — [8]) Mik. 5, 2-3.

ngas'ohlangotini lwake, kuze kufike omelwe ukutunywa, oyena kuyakuba yilowo ezimbekile izizwe.» [1])

UGabriel, ingelos'enkulu, wati ku'Daniel: «*Y'azi-ke, ugondisise ukuti: Kutatela ekuveleni kwezwi lokuti, iJerusalem alivuselelwe, kuyakuba kuseng'amasonto a'si7 namasonto a'ma62, kuze kube isikati sika'Kristo, inKosi . . . Emva kwalawa 'masonto a'ma62 uKristo uyakubulawa, abantu-ke bake, abayakumala, abayikuba abake . . . . Kepa isonto lilinye liyakuqinisela abaningi (ukukolwa) isivumelano, pakati-ke nesonto lelo ukubonga ngokutshiswayo nangokudhla kuyakupela.*» [2]) Isonto leminyaka kuy'iminyaka e'si7.

109. Kwabikezelwa nokuhlupeka nokufa kwomSindisi na? Yebo, kwabikezelwa nokuhlupeka nokufa kwomSindisi.

UZakarias, wati: «*Bangilinganisela imali yokutengwa kwami amashumi amatatu emali emhlope. Yais'iti inKosi kimina: Yintshinge ku'mbumbi. E! yainkulu yini po imali le abangilinganisela yona! Ngasengitata amashumi amatatu emali emhlope, ngawantshinga ku'mbumbi endhlini yenKosi.*» [3]) UIsaias, eumlomo ka-'Kristo, wati: «*Umhlana wami, ngati kwabokutshaya. nanku; izihlati zami, ngati kwabangincotula înwele, nazi; ubuso bwami, angibucatshisanga ng'enzele ukungadunyazwa nokungafelwa ngamate.*» [4]) UIsaias, wat'embona uKristo ngombono, wati: «*Akuko 'simo, akuko 'buhle kuye (obung'enza) ukuba simbeke; akuko 'buhle (obung'enza) ukuba asikange, yena odelelekile ey'imvibili ku'bantu bonke, indoda yênsizi ey'azisisa ubuhlungu . . . Bala, uye otwele umtwalo wezifo zetu, uye owetshata ubuhlungu bwetu . . . Walinyazwa ngenxa yezono zetu, watshaywa nokutshaywa ngenxa yamacala etu . . . nangemivimbo ayitola s'elatshiwe tina . . . InKosi yamtwesa icala letu sonke. Uhlatshiwe, ngoba ng'uye uqobo owatanda, engawuvuli umlomo; uyiswa njengemvana esilaheni, kuhle kwemvana epambi kwabayigundayo utulile du, angawuvuli umlomo . . . . wazidel' amatambo waz'etulela ukufa, wabalwa nezigebengu, watwala izono zabaningi, waba umnxuseli wab'onayo.* [5]) UDavid, eumlomo ka'Kristo, wati: «*Kepa mina nging'umsundu, angise 'muntu; ngiy'into eswabulelwayo edelelwa abantu. Bonke abangibonayo bangihlek' usulu, bakulukuluma ngomlomo, banikine ikanda (beti): Watemba enKosini, aimopule, imsindise bo, loku imvuna . . . Ngitelekile njengamanzi, namatambo ami onke 'enyelisiwe. Inhliziyo yami ineibilikile njengesikupa pakati kwamatumbu ami . . . . nolimi lwami lunamatele emalakeni . . . Babobozile izandhla zami nezinyawo*

[1]) 1. Mos. 49, 10.—[2]) Dan. 9, 25-27.—[3]) Zak. 11, 12-13.—[4]) Is. 50 6. —[5]) Is. 53, 2-3. 4. 5. 6. 7. 12.

zami; babale onke amatambo ami. Ke, bayangibeka bangibeke, beseb'abelana izingubo zami, ihembe lami balitshayele inkato.»[1]) —«*Amehlo ako ayababona bonke abangihlupayo; ihlazo nosizi, yiko inhliziyo yami ebeke kona. Ngangibeke oyakungihlupekisa, kabako, nongilulamisayo, angamfumana. Ukudhla kwami, banginika inyongo; ngati ng'omile, bangipuzisa iviniga.*[2])

110. Kwabikezelwa ukuti umSindisi es'efile uzakwenza-ni na?

Kwabikezelwa ukuti umSindisi es'efile uzaubuya avuke kwabafileyo, 'enyuke aye ezulwini, atume uMoya ocwebileyo.

EziHlabelelweni kutiwa: «*Auyikushiya umpefumulo wami kwabapansi, futi auyikuvuma ukuba isiCwebi sako sibone ukubola.*»[3])—«*W'enyuka waya kwezipezulu, watumba izitunjwa.*»[4]) «*Hlabelelelani uNkulunkulu owenyuke eya pezu kwezulu ngezulu.*»[5]) UJoel wati: «*E! naku okuyakwenzeka emva kwaloku: Ngiyakutela uMoya wami enyameni yonke, kona-ke amadodana namadodakazi enu eyakubikezela, amaxegu enu apupe amapupo, insizwa zenu zibone imibono. E! nas'eziggileni nas'eziggilakazini ngiyakutela uMoya wami ngaleyo 'mihla.*[6])

111. Kwabikezelwa yini ukuti, umSindisi wabantu ung'uNkulunkulu, na?

Yebo, kwabikezelwa ukuti, umSindisi wabantu ung'uNkulunkulu.

Kuy'ezwakala ngelika'Isaias lokuti: «*Bekani, ivirigo*[7]) *lelo liyakumita, lizale indodana, igama layo, kutiwe, ng'uEmmanuel.*[8]) Ke, ukuti «Emmanuel» kuti «UNKULUNKULU-unati». Kuy'ezwakala nangelinye lika'Isaias lokuti: «*Sizalelwe umntwana, siyipiwe indodana . . . igama layo, kuyakutiwa: Omangalisayo, isEluleki, UNKULUNKULU, isiQwaga, uYise wezwe lapambili, inKosi yoxolo.*[9]) Nant' elinye lika'Isaias futi, liti: «*Yitshoni kwabakolwa ka'luswempu, niti: Tembani, ning'esabi, . . . UNKULUNKULU uqobo, uye ozayo, 'eze'kunisindisa.*»[10])—UJeremias wabikezela wati: «*Bekani, kuy'eza imihla, itsho njalo inKosi, engiyakumvusela ngayo uDavid inzalo elungileyo . . . igama-ke abayakuyibiza ngalo yileli: "inKosi, isiLungi sakwiti".*»[11]) EsiHeberwini uqobo akutiwa nje lapa

[1]) Hlab. 21,7-9. 15. 16. 17-19.—[2]) Hlab. 68,21-22.—[3]) Hlab. 15,10.—[4]) Hlab. 67,19.—[5]) Hlab. 67,33-34.—[6]) Joel 2,28-29.—[7]) NgesiZulu kutiwa: «Bekani, **incasakazi** leyo iyakumita, izale inDodana . . . —[8]) Is. 7,14.—[9]) Is. 9,6.—[10]) Is. 35,4.—[11]) Jer. 23,5-6.

«inKosi», igama elipatwa kona ng'uYahvé (*number* 9); ngokuhlonitshwa kwalo kakulu lazilwa, kwatiwa nje «inKosi». Kwazis' ukuti, uJeremias wabikezela ukuti umSindisi ung'uYahvé, UNKULUNKULU uqobo.—Kuy'ezwakala nangokuti: «*InKosi* (uNkulunkulu) *ite kimi: «InDodana yami, uyiyo wena, ngikuzele namhla»*.[1]) Ngikuzele *namhla»*, kutsho uNkulunkulu, okungeko kuye okwaizolo nokwakusasa; ngako-ke uti: ngikuzele ngokuzala kwapakade.

112. Konke loku nokunye okuningi okwakubikezelwe ng'abaprofete kw'enzeka ngempela na?

Yebo, konke loku nokunye okuningi okwakubikezelwe ng'abaprofete kw'enzeka ngempela.

1. Ukubala kwabaprofete, babala kusey'iminyaka e'makulukulu, kwaza kwafika uKristo; ukubala kwabokuqala kwakusepezu kwama800 eminyaka; owokugcina, uMalakias, wabala kuseng'ama450. Ukuti-ke kwakung'ukubikezela ngempela kuy'into eng'umdwamba.

2. Abakwa'Israel, beyiloku befunda izincwadi lezo eziy'ingcw., bab'azi nokwazi okubikezelwe ngo«Messias», uKristo, nangezinye izindaba. Ke, încwadi lezo zahunyutshwa ngesiGreke; kwati kusasungulwa, kwakusey'iminyaka engatiti ama300, uKristo engakazalwa. Ngako-ke nabezinye izizwe bab'azi okwakubikezelwe.

3. Kuyabonakala ukuti konke okwakubikezelwe ngomSindisi nako konke okunye (njengokuciteka kweJerusalem) kw'enzeka. UJesu wati emaJudeni: «*Funisisani emiBalweni, iyo engifakazelayo.*»[2]) Ku'bafundi labo owahambisana nabo beya eEmmaus wati: «*Nina 'ziula, nina enidondayo enhliziyweni ukukolwa yiko konke abakutshilo abaprofete. . . . Waes'etatela ku'Moses nakubo bonke abaprofete, wabacasisela yonke imiBalo ekuluma ngaye.*»[3]) E! nabapostole nabevangeliste b'enza njalo, bekolisa abakwa'Israel nabanye bonke ukuti uJesu ung'uMessias, ung'uKristo lowo owaebikezelwa ng'abaprofete kakade.—Kuyabonakalake ukuti, akutina nje esiti: izwi lokuti nelokuti las'emiBalweni ey'ingcw. yas'etestamenteni elidala liyakuluma ngomSindisi, ng'uye uqobo nabapostole abatshilo.

113. Ng'ukubikezela kona kodwa yini okwakwazisa indaba yomSindisi na?

Qa, akung'ukubikezela kona kodwa okwakwazisa indaba yomSindisi, kwakukona nabantu abamfanekisa, nezinto futi.

[1]) Hlab. 2,7.—[2]) Joh. 5,39.—[3]) Luk. 24,25. 27.

1. *Abantu:*—UmSindisi wafanekiswa ng'*uAbel* ebonga uNkulunkulu ngokumhlabela okuyolile kuye; eng'umalusi omuhle; ebulawa ngenxa yokulunga engena'cala. Wafanekiswa futi ng'*uIsaak* eng'umntwana wesitembiso; ey'indodana eyodwa ku'yise; eyohlatshelwa uNkulunkulu entabeni iMoriya, lapo uJesu wahlatshelwa kona; ez'etshatela înkuni ab'eyakutshiswa ngazo. Wabuya wafanekiswa ng'*uJosef was'eGipite* owat'uma es'epelelwe însizi eziningi nezinkulu, wapakanyiswa pezu kwabo bonke napezu kwabafo wabo ababemonile. Omunye owamfanekisa ng'*uDavid* ezelwe eBethlehem; eng'umalusi omuhle; 'ahlula uGoliath ngenduku (umuti) eyasebenzisa okwendwayimane nangamatshe amahlanu; ey'inkosi yamaJuda; ekatshelwa uAkitofel oyena waey'isifuba sake; ewela umfudhlana iKedron eshiyiwe abantu bake. UmSindisi wafanekiswa futi *uMoses*, eng'umprofete omkulu; eng' owas'emkatini wabantu noNkulunkulu; eng'-umlungiseli wabantu ku'Nkulunkulu . Omunye, umSindisi owafanekiswa uye, ng'*uMelkisedek*, eng'umpriste omkulu, eng'umpriste wokubonga ngesinkwa newaine. Omunye ng'*uJonas* owati elele însuku za'ntatu esiswini senhlanzi, wabuya wapuma epila.

2. *Izinto:*—Into, umSindisi owaefanekiswa ngayo kakulu, *y'imvana yepasika*, ingena'cala na'sitshitshi, imela izibulo, ing'apulwa 'tambo, idhliwa yonke. Kodwa *nokunye ukubonga konke loko* kwas'esiVumelanweni esidala kwamkomba yena umSindisi, ikakulu okwokuhlaula. Okunye-ke okwamfanekisa *y'inyoka yetusi*, eyat' ifakwe otini olufana nonqamlezo, yapakanyiswa, yasindisa-ke bonke abayibeka.

II.

"uJESU uKRISTO."

114. UJesu uKristo wamitwa ng'ubá, ngamandhla ka'bani na?

UJesu uKristo wamitwa ng'uMaria ngamandhla oMoya ocwebileyo.

Nans' indaba yonke njengoba ilandwa ng'uLukas ocw.: «*Kwati ngenyanga yesitupa* (eyesitupa kambe, selo uJohannes umBapatizi wamitwa, kusabusa uHerodes, inkosi yelas'eJudia) *ingelosi, uGabriel, yatunywa ng'uNkulunkulu, iye edolobeni las'eGalileya, igama lalo iNazareth, eyirigweni**) *elaligane*

*) NgesiZulu kutiwa: **encasakazini** eyaigane indoda, igama layo ng'uJosef wakwa'David, igama-ke lencasakazi ng'uMaria. Inge-

indoda, igama layo ng'uJosef wakwa'David, igama-ke levirigo ng'uMaria. Ingelosi is'ingenile kwalo, yati: "E! Wena ogewele ixotsho, inKosi inawe, uhlahlamelisiwe wena esifazaneni." Lat'uba lizwe, l'etuswa ukukuluma kwago, lacabanga ngokuti ukubingelela kuni loku na? Yais'iti ingelosi kulo: "Ung'esabi, 'Maria, ngoba ufumene umusa ku'Nkulunkulu: beka, uzantat' isisu, uzale indodana, ugiqambe igama lokuti uJesu. Yena uyakuba mkulu, kutiwe y'inDodana yoPezukonke; inKosi, uNkulunkulu, imnike isihlalo sika'David, uyise, uyobusa kwa'Jakob kuze kube pakade, umbuso wake auyikupela." U'Maria kodwa wati engelosini: "Kuyakwenzeka kanjani loku, njengoba indoda ngingay'azi nje na?" Yais'ipendula ingelosi, yati kuye: "U'Moya ocwebileyo uzakuza kuwe, amandhla oPezukonke akusibekelise okwetanzi. Ngako-ke okucwebileyo loko okuzakuzalwa uwe kazautiwa: kuy'inDodana ka'Nkulunkulu . . . ngobapela aliko izwi elingamahluda uNkulunkulu." Waes'eti uMaria: "Nas'isiggila senKosi, akwenzeke kimi njengokutsho kwako." [1]) Kuyabonakala-ke ukuti, la uMaria waes'eti: akwenzeke kimi njengokutsho kwako, umSindisi wamitwa ng'uye ngoMoya ocw.

UMattheus ocw. uti evangelini lake: «*Ukuzalwa kuka'Kristo kunje: Kwati kugane unina* (ka'Jesu), *uMaria, ku'Josef, bengakahlali ndawonye, watunganiswa es'enesisa kungoMoya ocwebilego. Ke, uJosef, indoda yake, njengaloko waelungile, engafuni akumklakaza adumazeke, watuna akwahlukana naye ngas'ese. Kepa wati esacabanga loko, nanso-ke ingelosi yenKosi ibonakala kuye ngepupo, yati: 'Josef, wakwa'David, ung'esabi akumamukela kwako uMaria umkako, ngobapela akumitiyo kungoMoya ocwebileyo. Uyakuzala indodana, igama layo, woti ng'uJesu* (umSindisi), *ngoba yena uyakusindisa abantu bake ezonweni zabo. Aike, konke loku ku'enzeka, ukuze kugewaliseke okwakutshiwo y'inKosi ngomlomo womprofete, ete: Bekani iviriyo*[2]) *lelo liyakumita, lizale indodana, igama layo, kuyakutiwa, ng'uEmmanuel, elona, ukuhumgatshwa kwalo, liti "UNkulunkulu-u(hlezi-)nati".*» [3])

Olwokwaziswa kuka'Maria 25. March. Imfihlo yoku 1 yerosari lokujabula ng'eyokuti, uJesu wamitwa ng'uMaria ngoMoya ocw.

losi is'ingenile kwayo, yati: "E! Wena ogewele ixotsho, inKosi inawe, uhlahlamelisiwe wena esifazaneni." Yat'uba izwe, y'etuswa ukukuluma kwayo, yacabanga ngokuti, ukubingelela kuni loku na? Yais'iti ingelosi kuyo: etc. [1]) Luk. 1,26-38. [2]) NgesiZulu kutiwa: **Bekani, incasakazi** leyo iyakumita, izale indodana . . . —[3]) **Matth. 1,18-23.**

115. UJesu uKristo wazalelwa-pi na?

UJesu uKristo wazalelwa eBethlehem lakwa'Juda.

Nang'uLukas ocw. elanda, eti: «*Kuleyo 'mihla kw'enzeka ukuba kuvele umyalo ku'Kesare uAugustus, wokuti, akubalwe umhlaba wonke. Loku 'kubalwa, okwokuqala belu, kw'enziwa uKirinus, ey'induna yas'eSiria. Baya-ke bonke beyozibika, yilowo nalowo eya emzini wakubo. W'enyuka-ke noJosef, epuma eGalileya emzini was'eNazareth, waya eJudia, emzini wakwa-'David, okutiwa iBethlehem, ngoba waeng'owendhlu nomndeni wakwa'David, ukuze azibike kanye noMaria, umkake ob'emganile, ekulelwe. Kwati kodwa sebelapo, kwafinyela izinsuku zake zokubeleta. Waes'ezala indodana yake, izibulo, wayisonga ngezindwangu, wayilalisa emkombeni; ngoba badinga indawo endhlini yezihambi.*»[1])

Olwokuzalwa kuka'Jesu 'Kristo, okutiwa uKisimusi, 25. Dezember, njengoba olwokumitwa kwake ng'u25. March, olwokwaziswa kuka'Maria belu.—Imfihlo yesi3 yerosari lokujabula ng'eyokuti, uJesu wazalelwa eBethlehem.

116. Awokuti «uJesu», «uKristo» ati-ni na?

Awokuti «uJesu», «uKristo» ati «umSindisi», «isiGcotshwa».

1. UJesu—umSindisi, umKululi. Ingelosi yati ku'Josef: «*(UMaria) uyakuzala indodana, igama layo, woti, ng'uJesu* (umSindisi, umKululi), *ngoba yena uyakusindisa (uyakukulula) abantu bake ezonweni zabo.*»[2]) Izingelosi zahuba, zati: «*Nizalelwe namhla umSindisi, ong'uKristo, inKosi.*»[3]) Lawa 'magama amatatu, avam' ukubonakala:

IHS

yilawa: JES. *ΙΗΣ* y'isiGreke; pela emazwini atile kuvam' ukunqunywa amagama, njengoba nakule'ncwadi sinqume amanye kwelokuti «ocwebileyo», sibala nje «ocw.». Kanjalo nas'esiGrekeni kwelokuti *ΙΗΣΟΥΣ* (JESUS) kuvam' ukunqunywa amagamana okugcina, kubalwe nje awokuqala: IHS.

2. UKristo—isiGcotshwa. Elokuti «uKristo» l'izwi lesiGreke; yilo, okwakuhunyutshwa ngalo elesiHeberu lokuti «uMessias» (kumbe «Mashiak»); liti: «isiGcotshwa». Endulo bonke abaprofete (abangoma baka'Nkulunkulu) nabapriste namakosi, kwatiwa, y'«izigcotshwa». Aike, umSindisi, abas'endulo ababeyiló bemtemba, bati «uMessias», «uKristo», «isiGcotshwa», kumbe «isi-

[1]) Luk. 2,1-7. (Matth. 1,24-25.) — [2]) Matth. 1,21.—[3]) Luk. 2,11.

Geotshwa senKosi». E! ngaleli 'gama bamqonda umSindisi, njengoba naku! abakwa'Zulu beqonda inkosi yakubo ngokuti «umNtwana».—Lawa 'magama amabili:



y'isiGreke futi; ati: KR. Yiwo, okuqala ngawo elokuti *ΧΡΙΣΤΟΣ*, ukuti nje uKRISTO.

III.

UbuNkulunkulu nobuntu buka'Jesu uKristo.

117. UJesu uKristo, umumo wake, uy'ini na?

UJesu uKristo, umumo wake, ung'uNkulunkulu nomuntu.

118. S'azi ngani ukuti uJesu uKristo ung'uNkulunkulu na?

Ukuti uJesu uKristo ung'uNkulunkulu, siyakwazi ngoba, kwati kutenjisiwe kakade ukuti, ng'uNkulunkulu uqobo oyakuba umSindisi wabantu, kwatsho ingelosi ukuti, umntwana ka'Maria ung'uNkulunkulu.

Ukuti kwabikezelwa ukuti umSindisi wabantu ng'uNkulunkulu, kufundakala ku'*number* 111.—Ingelosi, uGabriel, yati ku'Maria: «*Beka, uzautat' isisu, uzale indodana, uyiqambe igama lokuti uJesu. Yena uyakuba mkulu, kutiwe uy'inDodana yoPezukonke; . . . okucwebileyo loko okuzakuzalwa ng'uwe kuyakutiwa: kuy'inDodana ka'Nkulunkulu.*» [1])

119. Ukuti uJesu uKristo ung'uNkulunkulu, siyakwazi nangani na?

Ukuti uJesu uKristo ung'uNkulunkulu, siyakwazi nangoba kwatsho uNkulunkulu uYise.

Wati uJesu ub'abatshatizwe ng'uJohannes, «*nako-ke! wavulekelwa izulu, wawubona uMoya ka'Nkulunkulu unjengejuba wehla, w'ehlela pezu kwake. Naku-ke izwi las'ezulwini liti: «Lo uy'inDodana yami, etandekayo, engiy'enamele.*» [2]) Kwati uJesu eguqulwa esinye isimo pambi kuka'Petrus benoJakob no-Johannes, «*esakuluma, nanto-ke ifu elikanyayo labamboza njengetunzi. Nanto-ke izwi livel' efwini liti: «Lo uy'inDodana yami etandekayo engiy'enamele kakulu.*» [3])

[1]) Luk. 1, 31-32. 35.—[2]) Matth. 3, 16-17.—[3]) Matth. 17,5.

120. Ukuti uJesu uKristo ung'uNkulunkulu, siyakwazi nangani futi na?

Ukuti uJesu uKristo ung'uNkulunkulu, siyakwazi nangoba kwatsho yena uJesu uKristo uqobo.

„*Waes'eti kuye ompriest'omkulu* (uKaifas): *"Ngiyakufungisa uNkulunkulu upilayo ukuba usitshele ukuti, wena ung'uKristo, inDodana ka'Nkulunkulu, yini na?" Wati kuye uJesu: "Utshilo."* [1]) AmaJuda ati ku'Pilatus: *Sinomteto tina, ngalo'mteto-ke ngaebulawa, ngoba uz'enze inDodana ka'Nkulunkulu.* [2]) Mhla uPetrus wati: *Wena ung'uKristo, inDodana ka'Nkulunkulu opilayo,* [3]) nangamhla uThomas wati kuye: *„'Nkosi yami, 'Nkulunkulu wami!* [4]) uJesu wabayumela, wabaqinisela.— *Ngako-ke ama-Juda 'enezela ukufuna ukuba ambulale, ngobapela waeng'aneli ukweqa umteto wesabbata, wabuga wati, uNkulunkulu ung'uyise, eti, ulingana noNkulunkulu. Ngalokoke uJesu wapendula, wati kubo: "Ngiqinisile, ngiqinisile ngiti kinina, inDodana ingez'enzele 'luto ngokwayo, kungeyiloko embonile uYise ekwenza: lokupela konke yena asuka ekwenza, yiloku ekwenzayo nenDodana futi. . . . Ngoba, njengaloku uBaba evusa abafilego, abapilise: kanjalo nenDodana ipilisa etand' ukubapilisa, . . . ukuze bonke badumise inDodana, njengaloko bemdumisa uBaba; ongadumisi inDodana, kamdumisi noBaba ogitumile".* [5]) *Konke uBaba anako kung' okwami.* [6]) *Obona mina ubona noBaba.* [7]) - *Mina noBaba si'kunye. . . . Kolwani-ke ukuti uBaba upakati kimina nami ngipakati ku'Baba.*" [8])

121. Ukuzifakazela kuka'Jesu uKristo kulungele ukusikolisa na?

Yebo, ukuzifakazela kuka'Jesu uKristo kulungele ukusikolisa, ngoba okwake ukuzifakazela kwaqiniselwa ng'uNkulunkulu.

1. UNkulunkulu waemqinisela, ngoba yonke into nentwana eyaibikezelwe kakade ngoKristo, ngomSindisi pela, y'enzeka kuye uJesu.

2. Akuko 'sono na'tunzi nje la'sono kuko konke, uJesu owaekwenza nowaekutsho; amanga-ke, kuy'into engeko kuye nakancí. E! nababemzonda nokumzonda bab'ahluleka ukukomba na'lip' icala kuye, njengoba nangu eti: *Ng'umupi kinina ongangibek'*

[1]) Matth. 26,63-64.—[2]) Joh. 19, 7.—[3]) Matth. 16,16.—[4]) Joh. 20,28. —[5]) Joh. 5, 18-19. 21. 23.—[6]) Joh. 16,15.—[7]) Joh. 14,9.—[8]) Joh. 10, 30. 38.

icala lesono na? Po-ke, uma ngikuluma isiminya, aningikolwa ngani na? Ovela ku'Nkulunkulu uyaw'ezwa amazwi ka'Nkulunkulu.» [1])

3. UJesu. wat'uma efungiswa ng'umprist'omkulu enkantolo, wamfunga uNkulunkulu, efunga ukuti «uy'inDodana ka'Nkulunkulu, uzohlala kwesokunene sika'Nkulunkulu, abuye afike ehlezi pezu kwamafu ezulu.» [2]) Ng'ubá onesibindi sokutsho ukuti, uJesu wenze isono es'esabekayo leso sokufungela amanga enkantolo emfunga uNkulunkulu, na? kumbe sokutsho ukuti, uJesu wael'uhlanya lolo lwokuba avume ukubulawa kalukuni ngenxa yokuti uy'inDodana ka'Nkulunkulu, engesiyo na? Qabo, ab'ekutshilo uJesu wakufakazela ngokukufela.

4. Imfundiso yake iyamqinisela uJesu ukuti kuy'imfundiso ka'Nkulunkulu. Kunjengokutsho kuka'Gamáliel, eti: «*Uma leli'su, lo'msebenzi ung'owabantu nje, uyakuciteka; kanti uma kung'oka'Nkulunkulu, kaniyikuba na'mandhla okuwucita, futa nga nifunyaniswe nimelene noNkulunkulu ugobo.* [3])

5. Izimangaliso owaz'enza uJesu ziyamfakazela ukuti waeqinisile, eti, uy'inDodana ka'Nkulunkulu, eti, izimangaliso uz'enze ngawake amandhla.

«Isimangaliso» siy'ini na? Siy'into ey'enzeka ngapandhle kwaleyo 'miteto, uNkulunkulu azidalele yona izinto ezikona. Uma imbeu yamabele ifakwa emhlabatini, ib'is'imila, ikule, kuze kuvutwe amabele, aku'simangaliso, loku uNkulunkulu ewadalele jo'mteto. Futi, uma inkosikazi igaya amabele, yenza utshwala, buvutwe-ke, aku'simangaliso. Kanti uma kukona utshwadhlana nje obulingene umuntu munye kupela, kuvele-ke umuntu, 'andise lobo 'tshwala ngokutsho nje, eti abwande, besebulingana izinkulungwane zabantu, kuy'isimangaliso, loku naku kungatshalwanga, kungavunwanga amabele alobo 'tshwala, kungagaywanga, kungapekwanga, kungavutshelwanga, kungavovwanga. Po, umuntu angay'enza yini into enjalo ngawake amandhla na? Pinde! Owadalele amabele umteto wawo, uNkulunkulu pela, uye yedwa ongawuguqula. Ngako-ke kus'obala ukuti ubanibani owenza isimangaliso esiyiso angas'enza nje ngamandhla ka'Nkulunkulu. —Izingelosi, ezinhle nezimbi, zing'enza okuningi okudhlula amandhla omuntu; kungoba amandhla azo edhlula awabantu; ke, okunjalo kungafana nesimangaliso ekuboneni kwomuntu, kungesiso. Kanti kukona izimangaliso eziyizo, ezidhlula amandhla ezingelosi nawabantu, ez'enzeka ngaka'Nkulunkulu yedwa zwi; yizo esikuluma ngazo lapa.—¡Nang' uJesu 'andisa izinkwana zize

[1]) Joh. 8, 46-47.— [2]) Matth. 26, 63-64.— [3]) Enz. 5, 38-39.

zilingane izinkulungwane ezinhlanu zamadoda; ependukisa amanzi abe l'iwaine; etulisa isivunguvungu es'esabekayo nolwandhle ngezwi linye nje; evusa insizwa yas'eNaim, nentombazana ka'Yairus abasebete dindilizi; evusa uLázarus enênsuku ezine 'embelwe, es'enuka ngoba es'eqale ukubola; evuka ekufeni; 'enyuka eya ezulwini. Pela, lezi nezinye izimangaliso zika'Jesu, ziy'into ekona impela, ey'aziwa amaJuda onke, nezita zika'Jesu kazipikanga.

Manje-ke, inxa uJesu eb'eng'*umuntu nje*, ngaewapiwe ng'uNkulunkulu amandhla okwenza lezi 'zimangaliso. Ke, yena lowo 'Jesu wati, uy'inDodana ka'Nkulunkulu. Po-ke, konje uNkulunkulu anganika umuntu omubi, onamanga, okohlisa abantu ngendaba engangokusindiswa kwabo, ngiti, uNkulunkulu angamnika yini umuntu omubi kangaka amandhla okwenza izimangaliso na? kona ezokohlisa abantu kakulu na? Y'into eng'enzeki na'kwenzeka, lokupela uNkulunkulu ey'isiminya uqobo, namandhla nje okukohlisa engeko kuye. Ngako-ke kuyabonakala ukuti uNkulunkulu waeqinisela uJesu, eti (1) uy'inDodana ka'Nkulunkulu, eti (2) izimangaliso az'enzayo uyaz'enzela zona ngawake amandhla eng'uNkulunkulu.

Nembala kwatsho yena uJesu, wati: »*Ningatsho kanjani kuló, uBaba azigcobele yena, amtumile 'eze emhlabeni, niti: "Wena uyajivaza", ngokuba ngite: "Ngiy'inDodana ka'Nkulunkulu" na? Uma nging'enzi imisebenzi ka'Baba, ningangikolwa. Kanti uma ngiy'enza yona, nakona ningafuni ukukolwa yimi* (amazwi ami), *kolwani imisebenzi yami, kona nizofunda, nikolwe ukuti, uBaba upakati kimina, nami ngipakati ku'Baba.*«[1])

6. Izibikezelo zika'Jesu, ukufakaza kwazo kundawonye nokwezimangaliso owaez'enza. Ukubikezela into engak'enzeki, eyakwenzeka kodwa noma *ngokuzitandela* kuka'Nkulunkulu noma *ngokuzitandela* kwomuntu, kuy'enzeka ngamandhla ka'Nkulunkulu yedwa zwi.—Njengaloko ukwazi kwezingelosi, ezinhle nezimbi, kudhlula kakulu okwabantu, nazo zingake zitsho into, umuntu angey'azi yona; songati ng'ukubikezela, kungesiko. Kanti kukona ukubikezela izinto ezidhlula ukwazi kwezingelosi nokwabantu; yiko-ke okuyiko, esikuluma ngako lapa.—UJesu wabikezela ukuti uJudas uyomkapela, nokuti uPetrus uyompika, yena uPetrus eqinisa nokuqinisa ukuti kayikumpika. Wabikezela ukuti uyakuhlutshwa abulawe, nokuti uyakuvuka futi ngosuku lwesitatu, nokuti uyakw'enyuka aye ezulwini. Wabikezela ukuti kuyakuciteka idolobo netempele las'eJerusalem (*kungasali itshe* (letempele) *pezu kwelinye*[2]). Wabikezela ukuti iVangeli liyakushu-

[1]) Joh. 10,36-38.—[2]) Mark. 13,2.

nyayelwa emhlabeni wonke, nokuti iBandhla lake aliyikwahlulwa amandhla esihogo.

Okunye okwakubikezelwe ng'uye siyakubona nanamhla kus'enzeka, okunjengokuti (1) iVangeli liyashunyayelwa emhlabeni wonke, (2) nokuti iBandhla al'aka kal'ahlulwa amandhla esihogo, (3) nokuti akusele itshe pezu kwetshe letempele las'eJerusalem.)

122. Njengoba uJesu uKristo eng'uNkulunkulu, uy'inDodana ka'bani na?

Njengoba uJesu uKristo eng'uNkulunkulu, uy'inDodana ka'Nkulunkulu.

Indaba yonke yenDodana ka'Nkulunkulu seyakulunywa ku-*numbers* 36—50.

Kuyabonakala ukuti uJesu ey'inDodana ka'Nkulunkulu, kana-nina loku kungeko okwesilisa nesifazana ku'buNkulunkulu.

123. Njengoba uJesu uKristo eng'umuntu, uy'indodana ka-'bani na?

Njengoba uJesu uKristo eng'umuntu, uy'indodana ka'Maria.

Kuya ngaloku ukuba wavam' ukuti uy'indodana yomuntu.— Kuyabonakala ukuti uJesu ey'indodana ka'Maria, kana'yise, ngoba wamitwa ngamandhla oMoya ocw.

124. Po-ke, uJesu, eng'uNkulunkulu, eng'umuntu, aka'babili yini na?

Qabo, uJesu, nakona eng'uNkulunkulu, eng'umuntu, aka-'babili, munye nje, eng'umzimeli munye.

125. UJesu ung'umzimeli wani na?

UJesu ung'umzimeli wobuNkulunkulu kupela.

Ung'umzimeli wobuNkulunkulu, loku naku ey'inDodana ka-'Nkulunkulu.

126. Po-ke, uJesu engesiye umzimeli wobuntu, ubuntu bwake bumiswa y'ini na?

UJesu, engesiye umzimeli wobuntu, ubuntu bwake bumiswa umzimeli wobuNkulunkulu, owesibili belu.

---

*) UKesare uJulian otiwa »Isihlubuki« (owaqala ukubusa ngonyaka 361, wafa ngonyaka 363, uKristo azalwa) wat'efuna ukujabisa uJesu ngokutshengisa ukuti waebikezela amanga, wati, itempele lelo alivuselelwe. Ke, amaJuda, et'es'elungisa indawo yokwaka, asusa zonke izinto ezazite hlaka, asusa-ke namatshe nezitini zonke; ati-ke es'eyakwaka, kwazanyazanyiswa umhlaba, kwavela umlilo pansi, wabulala amaningi. Áti epindapinda ukwaka, 'ahluleka njalo, 'ahlulwa umlilo. E, wati uJulian efun' ukujabisa uJesu, wagewalisa isibikezelo sake sokuti: akuyikusala itshe pezu kwetshe.

AKunjalo

Kunje:

127. Konje, uJesu, engesiye umzimeli ngobuntu bwake, ung'umuntu ong'uye noko na?

Yebo, uJesu, nakuba engesiye umzimeli wobuntu, ung'umuntu ong'uye noko.

128. Kwenziwa y'ini na?

Kwenziwa ngoba ubuntu obumiswa umzimeli wobuNkulunkulu uqobo bumi kakulu kunobuntu obuzimele ngokwabo nje.

129. UbuNkulunkulu nobuntu akuxubene yini ku'Jesu na?

Qabo ubuNkulunkulu nobuntu akuxubene ku'Jesu, yilobo bubodwa, ng'ukupela nje kwokumiswa kwobuntu ng'umzimeli wobuNkulunkulu.

130. Ke, inDodana ka'Nkulunkulu, nakona is'ing'umuntu, isenabo ubuNkulunkulu na?

Yebo, inDodana ka'Nkulunkulu, nakona is'ing'umuntu, isenabo ubuNkulunkulu bona lobo eyainabo kakade.

UbuNkulunkulu ng'ubuNkulunkulu, abupenduki, abuguquki. Bwona bwonke bupelele enDodaneni ka'Nkulunkulu, noma ing'uNkulunkulu kupela, noma is'ing'umuntu. Ngako-ke ingqondo nentando namandhla nani nani ekona ku'buNkulunkulu ikona kuyo, noma is'ing'umuntu.

131. Ubuntu, inDodana ka'Nkulunkulu es'inabo, kuyibwona lobo yini, nabanye abantu abanabo na?

Yebo, ubuntu, inDodana ka'Nkulunkulu es'inabo, kuyibwona lobo nabanye abantu abanabo, kanti abuzimele, bumiswe ng'umzimeli wobuNkulunkulu.

Umuntu lowo uJesu unomzimba, unompefumulo njengati. Umzimba wake unenyama negazi njengowetu; unamehlo, unêndhlebe, unezandhla nani nani njengowetu. Umpefumulo wake unengqondo, unentando njengowetu. UJesu, wati enenhliziyo njengati, waekwazi ukudabuka nokuhlupeka njengati. Kuyabonakala-ke ukuti inDodana ka'Nkulunkulu, nakona iseyiyo njalo, ing'umuntu njengati; ng'ukupela nje kwokumiswa kwobuntu bayo iyo, njengoba ing'umzimeli wobuNkulunkulu, inganti obetu buzimele ngokwabo.

132. S'azi ngani ukuti uJesu ung'umzimeli munye nje, ey'inDodana ka'Nkulunkulu nganxanye, eng'umuntu nganxanye, na?

Siyakwazi ngoba uJesu uqobo, wat'ekuluma ngobuNkulunkulu nangobuntu bwake, k'ahlukanisanga umzimeli nomzimeli, nababenaye baqonda ukuti kunjalo.

Wati efungiswa ukuti *uy'inDodana ka'Nkulunkulu yini na*, wapendula wati: «*Utshilo*»,[1]) okung'ukuti: Mina ngiy'inDodana ka'Nkulunkulu; katshongo ukuti: Mina, njengoba ngiy'inDodana ka'Nkulunkulu, ngiyiyo; njengoba nging'umuntu, kangisiyo. Wati nje: Mina, lo'muntu pela enimbona ngamehlo, enimuzwa ngêndhlebe, ngiyiyo inDodana ka'Nkulunkulu. Ngako-ke u'nto'nye, ung'u mina munye, ung'umzimeli munye pela.—Mhla uPetrus eti kuye: «*Wena uy'inDodana ka'Nkulunkulu*»,[2]) k'ahlukanisanga, katshongo ukuti: Wena njengoba ung'uNkulunkulu, uy'inDodana ka'Nkulunkulu; njengoba ung'umuntu, ausiyo; wati nje: Wena, lo'muntu pela esimbonayo, esikuluma naye, uy'inDodana ka-'Nkulunkulu.

133. S'azi nangani futi ukuti uJesu ung'umzimeli munye nje, ey'inDodana ka'Nkulunkulu nganxanye, eng'umuntu nganxanye na?

Siyakwazi nangoba ngakutsho uJesu uqobo nabafundiswa uye kuy'ezwakala ukuti munye zwi nokuti kuuyena lowo owenza okulungelene nobuNkulunkulu, kuuyena lowo futi owenza okulungelene nobuntu.

UJesu wati ngelinye ilanga: «*Kwati uAbraham engakabiko, mina ngikona.*»[3]) Pela, kus'obala ukuti *umuntu uJesu* waengakabiko uAbraham ekona, eneminyaka engatiti ama30 nje, uAbraham es'eneminyaka engati y'izi2000 es'afa; kanti noko uti: mina, lo okuluma nani, umuntu enimbona ngamehlo, o'buNkulunkulu butukuswe ng'ubuntu bwake, ngikona nalapo uAbraham waengakabiko. E, angahle ati «mina», inxa umuntu uJesu enge-'mzimeli wobuNkulunknlu na?—Wati ku'Nikodemus: «*Amuko owenyuka waya ezulwini, kunye ow'ehla ezulwini, ngitsho inDodana yomuntu es'ezulwini.*»[4])

Naku kuzwakala nangokukuluma kwabApostole: «*InDodana, uYise akulumile kitina ngomlomo wayo ngaleyi 'nsukuana . . . eyona w'enza ngayo namaxwe, iny'ubucwaxicwazi bwobukosi nenswebu yoqobo lwake . . . il'izibulo . . . onke izingelosi zika'Nkulunkulu ezifanele ukulikulekela.*»[5]) «*UKristo uJesu, owal' uma esenesimo sika'Nkulunkulu* (esenobukosi pela bwobuNkulunkulu bwake ezulwini), *waengatsho ukuti ukulingana kwake noNkulunkulu ng'ukupanga, waxicita nya etata isimo sesigqila, 'enziwe afane nabantu, ukubonakala kwake afunyaniswe enjengomuntu.*»[6]) *Kukwa'Israel, lapo kuvele kona ngokwenyama*

[1]) Matth. 26, 63. 64. (Joh. 19,7).—[2]) Joh. 6, 70.—[3]) Joh. 8,58.—[4]) Joh. 3,13.—[5]) Heb. 1,2-3. 6.—[6]) Fil. 2,6-7.

uKristo, ogena ung'uPetukonke, uNkulunkulu odumiseka nokudumiseka nanini. [1]) *Uma beb'azile, ngabonga zange bangamukele inKosi yobukosi.* [2]) *Umvesi* (umdali) *wokupila, uye enambulula* (nina' maJuda) [3]) *iBandhla lika'Nkulunkulu axixuzele lona ngegazi lake.* [4])

Kungako-ke siti *etitanini bo Gama lika'Jesu:* 'Jesu, 'nDodana ka'Nkulunkulu opilayo: 'Jesu, 'nswebu yobuewaziewazi buka-'Yihlo; 'Jesu, 'kukanya kwokukanya kwapakade; 'Jesu, nKosi enodumo; 'Jesu, 'Nkulunkulu onobuqwaga: 'Jesu, 'Nkulunkulu woxolo; 'Jesu, 'Nkulunkulu wetu: 'Jesu, 'kuhlakanipa kwapakade.

134. S'azi ngani ukuti akuxubene ubuNkulunkulu nobuntu ku'Jesu, nakona eng'umzimeli munye nje na?

Ukuti akuxubene ubuNkulunkulu nobuntu ku'Jesu, nakona eng'umzimeli munye nje, siyakwazi ngawona lawo 'mazwi afakazela ukuti ung'umzimeli munye.

Kuy'ezwakala ngalawo 'mazwi ukuti uJesu munye lowo w'enza okulungelene nobuNkulunkulu njengoba euNkulunkulu nokuti yena lowo 'Jesu munye w'enza okulungelene nobuntu njengoba eumuntu.

135. Ukuti akuxubene ku'Jesu ubuNkulunkulu nobuntu siyakwazi nangani na?

Ukuti akuxubene ku'Jesu ubuNkulunkulu nobuntu, siyakwazi nangoba uJesu ngaey'into enge'Nkulunkulu nenge-'muntu futi, inxa bekuxubene ubuNkulunkulu nobuntu.

UJesu ngaey'into enge'Nkulunkulu, loku ubuNkulunkulu obu'qobo lwabo soluxubene nobuntu (njengobisi namanzi) bungaseyibo ubuNkulunkulu obuyibo.—Ngaey'into enge'muntu, loku ubuntu obu'qobo lwabo soluxubene nobuNkulunkulu bungaseyibo ubuntu obuyibo.

Nalapo nga kutiwa, akuxubene kambe, kodwa ubuNkulunkulu bwapenduka bwaba ubuntu, e! lapo-ke ngabwapela ubuNkulunkulu, uJesu angabe esaba uNkulunkulu. Nalapo kutiwa, yibo ubuntu obwapenduka, bwadhliwa ng'ubuNkulunkulu, pela lapo ngabwapela ubuntu. uJesu angabe esaba umuntu, angabe esaba *u-Adam wesibili* [5]) nen«*Dodana yomuntu*».

136. Njengoba *uNkulunkulu uJesu* efanele ukukulekelwa, *nomuntu uJesu* ufanele ukukulekelwa yini na?

Yebo, njengoba *uNkulunkulu uJesu* efanele ukukulekelwa, *nomuntu uJesu* ufanele ukukulekelwa, loku umuntu uJesu eng'umzimeli wobuNkulunkulu.

[1]) Rom.9,5.—[2]) 1. Kor.2,8.—[3]) Enz.3,15.—[4]) Enz.20,28.—[5]) 1. Kor.15,45.

Ukukuleka, ng'uNkulunkulu yedwa zwi esimkulekelayo ngokukuleka okukodwa. Abanye, noma kuy'izingelosi, noma ng'abantu abaswebileyo, ngitsho noma ng'uNina ka'Jesu uqobo, kasina-'kubakulekela ngaloko 'kukuleka okumfanele uNkulunkulu yena yedwa. Ke, nomuntu uJesu asimkulekeli ngenxa yobuntu bwake bwona ngokwabo, siyamkulekela, ngoba enge'muntu oumzimeli womuntu, eng'umzimeli ka'Nkulunkulu.

E, *konke-ke* okwobuntu bwake kufanele ukukulekelwa. Into, yena uJesu uqobo ate, asiy'azise kakulu, y'*inhliziyo* yake, yona leyo egquma emzimbeni wake pakati, notando lwake olukulukazi, olufanekiswa yiyo. Kuyabonakala-ke ukuti inhliziyo yake leyo ifanele ukuba siyikulekele ngokukuleka okufanele uNkulunkulu uqobo.

137. Ukuti inDodana ka'Nkulunkulu yaba umuntu, kutiwa, y'imfihlo yokuti-ni na?

Ukuti inDodana ka'Nkulunkulu yaba umuntu, kutiwa, y'imfihlo «yokuz'enza umuntu kwenDodana ka'Nkulunkulu».

Into ekona—inDodana ka'Nkulunkulu *yahlanganisa* ubuntu, eyaibu*tata* ku'Maria uNina, nobuNkulunkulu bwayo, *yaba* umuntu (yaba inyama), ya'*enza* umuntu (yaz'enza inyama). Naku kutsho uJohannes oew. eVangelini lake, eti: *«IZwi laba inyama, lahlala pakati kwetu, sabona ke ubukosi bwalo, ubukosi pela obufanele inDodana eyodwa ezelwe ng'uYise, igcwele izotsho nesiminya»**) Njengaloko sokwatshiwo ku'*number* 16, iZwi leli liy'inDodana ka'Nkulunkulu; e, akutshoyo-ke uJohannes oew. yiloku: InDodana ka'Nkulunkulu yaba (yaz'enza) inyama (umuntu), yahlala pakati kwetu tin' abantu, tin'abApostole bayo nabanye abantu, sabona ubukosi bwayo, kung'ubukosi obuyifanele inDodana ezelwe ng'uYise iyodwa kuye.

Yile'mfihlo esiyipata emtandazweni oqala ngokuti «E! 'Maria», la siti *ihlahlamelisiwe nenxalo yesisu sako, uJesu.*»—Iyo futi epatwa emtandazweni okutiwa «Ingelosi»:

Ingelosi yenkosi y'axisa uMaria, waes'emita ngoMoya oew. . . .

UMaria wati: Nas' isigqila senkosi! akwenzeke kimi njengokutsho kwako. . . .

IZwi laba inyamã, lahlala pakati kwetu. . . .

Ibuya ipatwa emkulekweni wakona, la kutiwa *ngokubika kwengelosi siqonde ukuti uKristo, inDodana yako, waz'enza umuntu».*

Imfihlo yokuti yerosari lokujabula ng'eyokuti, uJesu wamitwa ng'uMaria ngoMoya oew. «Elitanini leGama lika'Jesu siti:

*) Joh. 1, 14.

Ngenxa yemfihlo eyingewele yokuz'enza kwako umuntu sikulule, ngenxa yokuhlala kwako emhlabeni oku'luhlobo lwobuNkulunkulu impela sikulule. – Elitanini lenHliziyo ka'Jesu siti: 'nHliziyo ka-'Jesu ey'enziwa ng'uMoya ocw. esiswini sika'Nina el'iVirigo.[1])

Le'mfihlo ikunjulwa kakulu ngOlwokwaziswa kuka'Maria (25. March), kungoba yilo, inDodana ka'Nkulunkulu eyaqala ngalo ukuba umuntu, nangOlwokuzalwa kuka'Jesu (25. Dez.).

IV.

UNina womSindisi.

138. UNina womSindisi ng'ubani na?

UNina womSindisi ng'uMaria ocwebileyo.

Uyise ka'Maria ng'uJoakim ocw. (usuku lwake lungesonto elilandelana nolwokwenyuswa kuka'Maria; kwezinye îndawo 20. March); unina ng'uAnna ocw. (26. July). UMaria ng'owakwa-'David, ngako-ke owakwa'Juda, oy'indodana ka'Jakob uIsrael, ngako-ke owakwa'Abraham, ngako-ke owakwa'Sem, indodana ka-'Noe, inzalo-ke ka'Adam.

139. Kwaqalisa nini ukukulunywa ngoMaria na?

Kwaqalisa ukukulunywa ngoMaria kona emparadisweni, uNkulunkulu eti:«Yena (owesifazana) uyakunyatela ikanda lako ('satana) aliti fohlo.»

Ngako-ke uvam' ukutiwa ng'«uEva wesibili».

140. UIsaias umprofete wambikezela ngokuti-ni na?

UIsaias umprofete wambikezela ngokuti:[2]) «Bekani ivirigo lelo liyakumita, lizale indodana, igama layo kutiwe ng'uEmmanuel.»

Elokuti 'ivirigo' livela kwelesiLatini lokuti «virgo» eliti ngesintu 'intombazana epelele'.

Ukupatwa kwalo eBandhleni eliy'ingewele lika'Nkulunkulu, kubonakala ukuti 'ivirigo' liy'intombazana elungileyo, eng'enzi 'luto ngobuntu bwayo, engavumi futi ukuba kwenziwe 'luto olunjalo kuyo, inenhliziyo pela yokulondisisa umteto wesiG ka'Nkulunkulu, noma isibomu sokuti iyauke itshade sikona kuyo, noma singeko.

Aike, okutiwa «ivirigo» ngokwesiLatini kuy'«incasakazi» ngesiZulu.

[1]) NgesiZulu kutiwa: esiswini sika'Nina ey'**incasakazi**.

[2]) NgesiZulu kutiwa: Bekani, **incasakazi** leyo iyakumita, izale indodana, igama layo kutiwe ng'uEmmanuel. (Is. 7,14.)

Incasakazi, ngomteto wakwa'Zulu, kuy'intombazana yenkosi kumbe eyom-numzana , et'uba yazise uyise ukuti aiyikwenda, izihlalele ingena'ndaba nabesilisa, ibac*(w)asa* pela, ize ijutshwe kumbe ize ife. Kuyabonakala ukuti amancasakazi ayahlonitshwa kakulu impela kwa'Zulu.

E.Bandhleni eliy'ingcwele lika'Nkulunkulu elokuti «ivirigo» okutiwa ngesiZulu «incasakazi» lipata kabili:

1. Intombazana ingaba ivirigo kumbe incasakazi ngokuba it'izinqumele ukung'endi, ihlale inakisisa ubumhlope bwenhliziyo, ic*(w)asile* abesilisa ngokuti nya.

2. Ngomteto ka'Nkulunkulu *yonke* intombazana, nezinqumele ukuti iyauke itshade, ngail'ivirigo kumbe incasakazi ize itshade, ngokuba iti ingakatshadi, ic*(w)ase* bonke abesilisa abasuka bafune kuyo into embi emtetweni wesi6 ka'Nkulunkulu.

Kwezabelungu izilimi nowesilisa, kungatiwa, ul'*ivirigo;* ngolwabantu owesilisa onjalo uy'*incasa.* Kanjalo inKosi yetu uqobo, umSindisi wetu, uJesu 'Kristo waey'incasa, noJosef' ocw., noJohannes umBapatizi, noJohannes ocw. umApostole nabanye abaningi babeyiwo amancasa.

Aike, *namancasa* a'nhlobo'mbili njeng*amancasakazi:*

1. Owesilisa angaba incasa ngokuba et'ezinqumele ukuti kayikutshada, ahlale enakisisa ubumhlope bwenhliziyo, ec*(w)asile* abesifazana ngokuti nya.

2. Ngomteto ka'Nkulunkulu *wonke* owesilisa, nozinqumele ukuti uyauke atshade, ngaey'incasa aze atshade, ngokuba et'engakatshadi, ac*(w)ase* bonke abesifazana, eng'enzi 'luto olwobuntu kubona.

141. UMaria waeyilo ivirigo njalo na?*)

Yebo, uMaria waeyilo ivirigo njalo.

1. UMaria wael' ivirigo, mhla emita uJesu:—

Yonke indaba, njengoba ibaliwe kwelika'Lukas nelika'Mattheus, iyafundakala ku'*number* 118. Kutiwa-ke kona: . . . ingelosi, uGabriel, yatunyelwa evirigweni . . . igama-ke levirigo kutiwa ng'uMaria.»

Po-ke njengaloku kutiwa kona lapo: . . . evirigweni elaligane indoda, igama layo ng'uJosef , uMaria waeseyilo ivirigo yini na? Ukuti waeseyilo kuyabonakala (1) ngezwi owaependula ngalo, eti ku'Gabriel: «Po-ke, kuzakwenzeka kanjani loku na, njengoba indoda ngingay'azi nje na?» Kwazis' ukuti waengakabi s'endhlini,

*) NgesiZulu kutiwa:
UMaria waeyiyo incasakazi njalo na?
Yebo, uMaria waeyiyo incasakazi njalo.

nokuti waefuna ukuba l'ivirigo noma es'etshadile. (2) Kuyabonakala nangokutshiwo evangelini lika'Mattheus: Kwati kugane uNina (ka'Jesu), uMaria, ku'Josef, *bengakahlali ndawonye,* wafunyaniswa es'enesisu. kungoMoya ocw. Njengomteto nomkuba wakwa'Israel intombazana es'iganile yaihlala ekaya kubo, ize itatwe-ke ngempela, iyohlala ndawonye nomyeni.

2. UMaria wat'es'emmiti uJesu, waeseyilo ivirigo ngomzimba nangompefumulo:—

Ngomzimba , ngoba, ukumita kwake, wamita ngamandhla oMoya ocw., wamita-ke ngesimangaliso, kungeko 'ndoda; ngako-ke ak'oniwanga.

Ngompefumulo , ngoba kw'enzeka ngamandhla oMoya ocw. kwaba kupela, ku'Maria kungeko 'nhliziyo yokwazi indoda.

3. UMaria wat'es'embeletile umntwana, uJesu, waeseyilo ivirigo njalo:—

Akubaliwe enCwadini ey'ingcw. kambe, kepa sitatelwe ngokwomlomo, umlomo uvele kuyena uJesu nababenaye, ukuti: ukumbeleta uJesu, wambeleta ngesimangaliso njengoba, nokummita, waemmite ngesimangaliso, *eng'oniwe.* Ngako-ke kutiwa:

uMaria wael' { iVirigo, engakazali,[1]) / iVirigo, es'ezala, / iVirigo es'ezele.

Kuyabonakala-ke ukuti, ngaloku uMaria uyedwa kubo bonke abesifazana, lokupela owesifazana os'eng'unina womntwana us'eng'umfazi, epelelwe ubuvirigo kumbe ubuntombazana. Kepa nangu uMaria eng'uNina ka'Jesu, eseyilo ivirigo, eseyiyo intombazana, ingapelelwanga ubuvirigo kumbe ubuntombazana. Ngako-ke kutiwa:

ul'«iVirigo njalo»; kutiwe futi:

Alibabazeke igama lika'Maria oti eng'umZali, abe l'ivirigo ; kutiwa futi:[2])

«uNina ol'ivirigo». Ngenxa yaloku siti elitanini lake:

'Nina ong'oniwanga , Nina ong'onakalanga , 'Nina omangalisayo , 'Nina oewebe ewe , 'Nina omhlop'inhliziyo ote ya .

OlwobuNina buka'Maria lungesonto lesi2 lika'Oktober.

---

[1]) NgesiZulu kutiwa: uMaria waey' { inCasakazi, engakazali, / inCasakazi, es'ezala, / inCasakazi, es'ezele.

[2]) NgesiZulu kutiwa: uy' inCasakazi njalonjalo ; kutiwa futi: «Alibabazeke igama lika'Maria oti eng'umZali, abe y'inCasakazi! ; kutiwa futi: «Nina oy'incasakazi . Ngenxa yaloku siti elitanini lake: "'Nina ong'oniwanga", "'Nina ong'onakalanga", "'Nina omangalisayo", "'Nina oewebe ewe", "'Nina omhlop'inhliziyo ote yá".

142. UMaria wael'ivirigo waza wafa na? [1])

Yebo, uMaria wael'ivirigo waza wafa.

Naloku sikutatelwe ngokwomlomo, umlomo uvele ku'Jesu naku'bapostole bake. Kukona, ikakulu emaProtestanteni, abafun' ukupika loku, bekomba izwi lika'Mattheus ocw., eti: (UJosef) *waengamazi* (uMaria) *engakabeleti izibulo lake*.[2]); bati-ke, kuy'ezwakala ngaloku ukuti wamazi es'ebeletile. Ke, uMattheus akatsho, inganti yena wafuna ukubonisa amaJuda nje ukuti: uJesu ung'uye uKristo, kunge'ndoda eyamzalayo, ezelwe ngoMoya ocw., kupela; akakulumi ngokuti uMaria w'aziwa yini ng'uJosef emva kwaloku. Bakomba nokuti: kweziningi nje îndawo zas'enCwadini ey'ingcw. kukulunywa «ngabafo wabo naodade wabo baka'Jesu»; kepa kuyabonakala ngayo inCwadi ey'ingcw. ukuti kwakunge abafo wabo naodade wabo endhlini. Kwaku ng'abantwana baka-'Alfeus nomkake, uMaria, «unina ka'Jakob noJosef», owaeng' udade wabo ka'Maria, uNina ka'Jesu; ke, akwaziwa noma uMaria lowo, «umka'Alfeus», waeng'udade wabo ka'Maria endhlini yini. Pela, nezinye izihlobo zakubo ka'Jesu kung' abafo wabo naodade wabo».

Po-ke, uJosef ocw. waengesiyo indoda ka'Maria ocw. na? Ukuganwa uye, waganwa, nokutshadiswa naye, watshadiswa (Olwokutshadiswa kuka'Maria 23. January). Kepa, siy'azi ngokwomlomo, umlomo uvele ku'Jesu naku'bapostole, ukuti kwakung' «umtshado wevirigo lesilisa nelesifazana», «umtshado wencasa nencasakazi» pela, bevumelene ngokuti boba yiló bezila okwas' endhlini, bakweze kanjalo ubuncasa nobuncasakazi. UMaria angatiwa «umfazi» yini, njengaloko kukona ikakulu emaProtestanteni abati, ung'uye, na? UMaria waeng' «umka'Josef», ey' «inkosikazi ka'Josef»; kanti umfazi, waengesiye nanini, ey'incasakazi njalo.

143. Yisipi esinye isimangaliso esikulu, uNkulunkulu owamenzela sona uMaria na?

Esinye isimangaliso esikulu, uNkulunkulu owamenzela sona uMaria, ng'ukumitwa kwake okunganindekile.

Okunganindekile ngani na? Ngoba kunganindekanga ngesono sakuqala. UNkulunkulu wamvimbelela sona, kona engayikuba s'emandhleni ka'satana na'sikatshana leso nje, loku eng'uye

[1]) NgesiZulu kutiwa:
UMaria waey'incasakazi waza wafa na?
Yebo, uMaria waey'incasakazi waza wafa.

[2]) Matth. 1, 25.

owaenyulelwe ukunyatela nokufohloza ikanda lake ngenzalo yake, uJesu. Enzalweni yonke ka'Adam yibo uJesu noNina, bona bodwa, abanjalo.—U'kwazi ukuti kunjalo, siyakwazi ngemfundiso enikezelweyo, njengoba isakwezekile eBandhleni eliy'ingew. lika-'Nkulunkulu.

Olwokumitwa okunganindekile kuka 'Maria 8. Dezember.—Elitanini lake siti: 'Nkosikazi eyamitwa ngapandhle kwesono sakuqala.

144. Sitsho kahle yini, siti, uMaria ung'uNina ka'Nkulunkulu na?

Yebo, sitsho kahle, siti, uMaria ung'uNina ka'Nkulunkulu, ngoba umuntu lowo uJesu, owazalwa uye, ung'umzimeli wobuNkulunkulu.

Kwati uNandi ezala uTshaka, wazala umuntu ong'umzimeli womuntu. Kwati uMaria ezala uJesu, wazala umuntu ongesiye umzimeli womuntu, eng'umzimeli ka'Nkulunkulu. Kuyabonakala ukuti lawo 'maProtestante asisola ngoba siti, uMaria ung'uNina ka'Nkulunkulu, akaqondanga into esiyitshoyo, ngobapela nati kasitsho ukuti uMaria wazala inDodana ka'Nkulunkulu, njengoba iyiyo nje; nako! kutiwa ku'*number* 127.: uJesu, ey'inDodana ka'Nkulunkulu, kana'nina. Futi ng'ubá otshoyo ukuti ng'uMaria owaekona uNkulunkulu engakabiko na? Kodwa, ngokuzala umuntu ong'umzimeli ka'Nkulunkulu uMaria ung'uNina ka'Nkulunkulu.—Kanjalo siti futi elitanini lake: 'Nina womDali.

145. Kubo bonke abantu nezingelosi kukona yini omkulu ku'Maria na?

Qabo, kubo bonke abantu nezingelosi amuko omkulu ku'Maria, amuko futi ongangaye.

Uma intombazana yomfokazana itatwa inkosi, ibe inkosikazi yayo, angiti iyapakama kakulu le'ntombazana na? E! nang' uMaria egana uMoya oew., egana uNkulunkulu uqobo. UNandi eng'unina wenkosi enkulu, engangoTshaka, angiti upakeme, angiti usahlonitshwa nanamhlanje? E! nang' uMaria eng'unina wenKosi yamakosi, eng'uNina ka'Nkulunkulu uqobo. Kungako-ke uMaria umkulu kubo bonke abanye abadaliwe ng'uNkulunkulu noma bey'izingelosi, noma beng'abantu. Po-ke, uMaria simenza uNkulunkulu yini na? Nakanye! Ng'ubá ong'azi ukuti uMaria ung'umuntu nje njengabanye abantu, kanti ng'umuntu owapakanyiswa ng'uye uNkulunkulu pezu kwabo bonke.

Kwenziwa yiloku-ke ukuba elitanini lake simbingelele ngelokuti 'nKosikazi yezingelosi neyaobanibani. Uy'inKosikazi, ngoba is'ibusa pezu kwabo bonke, izingelosi nabantu.

146. Tin' abantu sifanele ukumtemba kakulu uMaria nangani na?

Tin' abantu sifanele ukumtemba kakulu uMaria nangoba eng'uNina womSindisi.

Ng'uye uMaria owaesebenzisana nomntanake uJesu emsebenzini wokusisindisa, esebenzisana naye kakulu kunabo bonke abanye; ng'uye owaehlupeka nokuhlupeka, ehlupekela ukusindiswa kwetu. Ngako-ke uyasitanda ngokusitanda, futi akatandi ukuba umuntu osowasindiswa ng'umNtanake alahleke. Ngako-ke siti elitanini lake: «'Nqaba yab'onayo».

Imitandazo ejwayelekile yokwazisa nokuncenga uMaria ocw.: «E! 'Maria»—«Ingelosi»—«E! 'nKosikazi»—Irosari—Ilitani lika-'Maria okutiwa elas'eLoreto.

Izinsuku zika'Maria ocw.: olwokuMitwa kwake okunganindekile 8. Dezember—olwokuZalwa kwake 8. August—olweGama lake lungesonto elilandelana nolwokuZalwa kwake—olwokwEtulwa kwake etempeleni 21. November—olwokwAziswa kwake 25. March—olwokuTshadiswa kwake 23. January—olwobuNina bwake lungesonto lesi2 lika'Oktober—olwokuHambela kwake ku'Elisabeth 2. July—olwokuHlanzwa kwake 2. February—olwezinSizi zake lungesonto lesi3 lika'September; kwenye indawo ngolwesihlanu olulandelana nesonto okutiwa elokuHlupeka—olwokwEnyuselwa kwake ezulwini 15. August.

V.

UJosef ocwebileyo.

147. UJosef waey'ini ku'Maria na?

UJosef waey'indoda ka'Maria.

Le'ndaba ifundakala ku'number 142.

148. UJosef waey'ini ku'Jesu na?

UJosef waeng'*uyise* ka'Jesu *ngomteto* nomondhli wake.

Ukuti uJosef kasiye uyise ka'Jesu ngokumzala, sokwatshiwo ku'number 123. Kepa kwati uMaria eng'unina ka'Jesu, eng'umka'Josef, ngomteto wakwa'Israel uJosef waeng'*uyise* ka'Jesu *ngomteto.* Naku! uMaria eti ku'Jesu: «*Beka uyihlo* (uJosef) *nami besikufuna sihlupekile.*»*) Nant' elinye liti: *Yena-ke*

*) Luk. 2,48.

uJesu waegala ukuba neminyaka engatiti ng'ama30 ey'indodana ka'Josef njengokucabanga kwabantu pela. [1])

149. UJosef waey'ini emzini lowo oy'ingcwele na?

UJosef waeng'umnumzana emzini lowo oy'ingcwele.

Ingelos'enkulu, uGabriel, yati kuye: *'Josef wakwa'David, ung'esabi ukumamukela kwako uMaria umkako; ngobapela akamitiyo kungoMoya ocw. Uyakuzala indodana, igama layo woti* (wena 'Josef) *ng'uJesu.* [2]) Yati kuye futi: *Vuk' utate umntwana nonina, ub'us'ubalekela eGipite, uhlale kona ngize ngikutshele (wena) . . . Wavuka watata umntwana nonina ebusuku . . .* [3])

150. UJosef ocw. uy'aziswa kakulu ng'amakolwa nangenxa yani na?

UJosef ocw. uy'aziswa kakulu ng'amakolwa nangenxa yobuvirigo[4]) bwake, nangoba eng'umMeli weBandhla lonke.

Seloku kwavela isiMemezelo sika'Papa esipete indaba yezinsuku ezinomteto wesonto (1911), usuku olukulu luka'Josef ocw. lungesonto lesi3 emva kwokuvuka kwenKosi; l'usuku lwake, njengob' eng'umMeli weBandhla; ng'umkosi omkulu ogujwa amalanga a'si8 alandelana nalo.—Olunye usuku lwake 19. March. Inyanga yake ng'uMarch.—Yilo olwesitatu njalo, olul'usuku lwake.—Ung' umMeli wamancasa namancasakazi, nowabatshadileyo futi, nowabapansi kwokufa.

VI.

Ubuntwana buka'Jesu.

151. Kwat'ub' azalwe uJesu, kw'eza obani bazomkulekela na?

Kwat'ub' azalwe uJesu, kw'eza abalusi bangas'eBethlehem bazomkulekela.

T. t. 5.—Imissa lesi2 agolwokuzalwa kwenKosi ng'elabalusi.

152. Wat' enezinsuku ezi'si8, uJesu w'enziwa-ni na?

Wat' enezinsuku ezi'si8, uJesu wasokwa.

UNkulunkulu wati ku'Abraham: *Yilesi 'sivumelano pakati kwetu tina nani nembeu yako eng'emva kwako, eniyakusilonda, esokuti belu: akusokwe kwini konke okwesilisa . . . kube l'upau*

[1]) Luk. 3,23. [2]) Matth. 1,20-21,— [3]) Matth. 2,13. 14.—[4]) NgesiZulu kutiwa: UJosef ocw. uy'aziswa kakulu ng'amakolwa nangenxa **yobuncasa** bwake.

lwesivumelano setu nani. Konke okwesilisa kwakwini, uma soku-ng'umntwana onênsuku ezi'si8, akusokwe. [1]) Evangelini kutiwa: *Kwat'uba kupele izinsuku ezi'si8 zokuba asokwe umntwana, kwatiwa igama lake ng'uJesu, elalitshiwo ingelosi, engakamitwa.* [2]) Ukusokwa loko kwabakwa'Abraham kwakufanekisa isakramente lombapatizo. Kus'obala ukuti uJesu, eng'umuntu ong'uNkulunkulu, waengena'mteto wokusokwa; ewulonda noko, w'enza ngokuzitandela. Pela, eng'umSindisi wabantu, ezitwalela wonke umtwalo wezono zabantu bonke, wazitandela nokulonda umteto wonke wab'onayo, yena ngokwake engena'sono. Naku kutsho uPaulus oew., eti: *Kanti kwat'uba kufike ukupelela kwesikati, uNkulunkulu watuma inDodana yake, yazalwa owesifazana, yazalelwa pansi kwomteto, ukuze ihlenge abapansi kwomteto, ukuba sifumane ukutolwa sibe abantwana.* [3])—Kubonakala ukuti ngolwokusokwa kuka'Jesu saqalisa ukucitekelwa igazi lake eliy'ingcwele cwe.—Olwokusokwa kwenKosi lugcinwa ngolwesi8 lwomkosi wokuzalwa kwayo, 1. January (l'usuku lwokuqala *lwomnyaka omutsha).*—OlweGama lika'Jesu lungesonto lesi2 emva kwokuhlaluka kwake.—Ilitani leGama lika'Jesu.

153. Kw'eza naobani bezomkulekela uJesu na?

Kw'eza namakosi amatatu ezomkulekela uJesu.

T. t. 7.—Amakosi lawo amatatu (uKaspar, uMélkior, uBálthasar) ab'ey'izazi zokwas'emkatini. Ab'enge abakwa'Israel, eng'abezizwe. E! kwabezizwe bonke yiwo aqala ukumazi nokumvuma umSindisi, uJesu; yiwo-ke ang'amakolwa okuqala avele ezizweni. Ngenxa yaloku usuku lwabo (6. Jan.) kutiwa ng'*Olwokuhlaluka kwenKosi kwabezizwe;* ng'umkosi omkulukazi eBandhleni, ogujwa amalanga a'si8. Umkulu kakulu emakolweni onke avele emaqabeni, kuyiwona ay'imvama yamakolwa, ngobapela amaJuda, iningi lawo, aemala uJesu, asamala namanje.

154. Wati es'enênsuku ezi'ma40, uJesu w'enziwa-ni na?

Wati es'enênsuku ezi'ma40, uJesu w'etulwa etempeleni.

T. t. 6.—Ukwetulwa kwake waezogcinelwa umteto wamazibulo. Nans' imvelo yawo: Kwati inkosi yas'eGipite ingafuni ukudedela abakwa'Israel bamuke kona, uNkulunkulu waes'ebulala amazibulo akona. Ke, kungakafiki lelo 'langa, wati, abakwa'Israel abahlabe imvana, bayidhle, babece izivalo ngobubende bwayo, kona koti, uma ingelosi is'izaubulala amazibulo, idhlule kulezo 'zivalo, ingayikubulala amazibulo akona. Aike, yilo ipasika, loku ng'ukuti ukudhlula kwenKosi, nemvana leyo y' imvana yepa-

[1]) 1. Mos. 17,10. 11.12.—[2]) Luk. 2,21.—[3]) Gal. 4, 4-5.

sika»; iyo belu eyabambela amazibulo akwa'Israel. E! lapo-ke uNkulunkulu waes'etshaya umteto, wati, lonk' izibulo seloba into yake, ngako-ke liyakwetulwa kuye, uma selinênsuku ezi'ma40, lizelwe. (T. d. 34.) Kanjalo w'etulwa noJesu. Aike, ngalelo 'langa isEtulo leso senKosi sasisabuyela ekaya nonina, siyilo kodwa *izibulo lika'Nkulunkulu nelika'Maria,* elaliyakuba *imvana eyiyo yepasika* eyakwetulwa ngempela, ihlatshwe onqamlezweni. Yiloku owaekukomba uSimeon, ebikezela ngalelo 'langa, eti ku'Maria: «*Kuyakuti inhliziyo yako, isinkemba siyigwaze sipumele ngalé.*»[1])

Olwokwetulwa kuka'Jesu etempeleni yilo Olwokuhlanzwa kuka-'Maria, 2. February. Emtetweni omdala kwatiwa: «*Owesifazana owakulelwa, uma ebelete umfana, unindekile însuku ezi'si7, . . . ngolwesi8 akasokwe umntwana. Kepa yena* (unina) *uqobo uyausala abe esanindekile ngokupum' igazi însuku ezi'ma33.*»[2])

E! nakuba kwakungeko okunjé ku'nina ka'Jesu, watanda noko «ukuhlanzwa» njengabanye onina bakwa'Israel, ezitandela ukugcina umteto kuhle kwomNtanake.—Imfihlo yesi4 yerosari lokujabula ng'eyokuti, uMaria wametula uJesu etempeleni.

Ukuhlahlameliswa kwamakosikazi abeletile, ukungeniswa kwawo esontweni epete umntwana, ukukulekelwa nokuc[h]elwa kwawo ng'umpriste ngentelezi ey'ingewele kutatela kule'miteto emibili yas'esiVumelanweni esidala: owokuhlanzwa kwaonina nowokwetulwa kwenzalo enKosini uNkulunkulu.

155. Ng'ubá owafun' ukumbulala uJesu eseng'umntwana na?

Ng'uHerodes, inkosi yamaJuda, owafun' ukumbulala uJesu eseng'umntwana.

T. t. 8.—UHerodes (otiwa omkulu) uyiyo inkosi yokuqala yamaJuda engesiyo eyohlanga, engesiye belu owakwa'Juda. Naku-ke! kugewaliseke izwi elalikade litshiwo ng'uJakob, uyise ka'Juda: kwasekusukile induku yokubusa ku'Juda. (UHerodes lo ng'uyise walowo owalahla uJesu, wati, akanqanyulezwe.)

156. Po-ke, uJesu wabulawa yini eseng'umntwana na?

Qabo, uJesu akabulawanga eseng'umntwana, uJosef wabaleka naye nonina, baya eGipite.

T. t. 8.—Olwezingane ezingena'cala 28. Dezember.

157. Ukubuya kwabo eGipite, baya'kwaka-pi na?

Ukubuya kwabo eGipite, baya'kwaka eNazareth.

T. t. 8.

[1]) Luk. 2, 35.—[2]) 3. Mos. 12, 2-4.

158. Wati uJesu es'eneminyaka el'i12, wahamba nabazali bake waya-pi na?

Wati uJesu es'eneminyaka el'i12, wahamba nabazali bake waya etempeleni las'eJerusalem.

T. t. 9.—Imfihlo yesi 5 yerosari lokujabula ng'eyokuti, uMaria wamtola uJesu etempeleni.

159. Es'ebuyele eNazareth uJesu w'enza-ni, waza waba neminyaka e'ma30 na?

Es'ebuyele eNazareth uJesu «waepansi kwabazali bake, waqubekela ekuhlakanipeni nas'eminyakeni nas'ekuxotshisweni ixotsho.» [1])

Kw'ala 'nto-ni ukuba uJesu ahlalise okwenkosi enkulu lapa emhlabeni na? Akwalanga 'luto. Kodwa nangu etand' ukupatwa abazali bake nokubalalela, etand' ukuba mpofu, etand' ukwondhliwa y'isisebenzi, etanda nokuzisebenzela ukudhla kwake ehamba esebenzisana noJosef. W'enzela-ni na? (1) W'enzela *ukusihlandela* nakona eseng'umfana nje. (2) W'enzela *ukusifundisa* ngokwenza kwake ukuti: Ozitobayo uye ozakupakanyiswa , nokuti: Banenhlanhla abampofu , nokuti ukusebenza kuy'into eswelekile. y'into enhle futi.

VII.

Ukufundisa. ukumisa iBandhla. ukwenza izimangaliso kuka'Jesu uKristo.

160. Kwati uJesu es'ezauhamba azofundisa abantu, ng'ubá owamlungisela indhlela na?

Owamlungisela uJesu indhlela ng'uJohannes otiwa umBapatizi.

T. t. 1. 3.—Imfihlo yesi2 yerosari lokujabula ng'eyokuti, uMaria wahambela ku'Elisabeth, emmiti uJesu. Kutiwa, uJohannes wapelelwa isono sakuqala eses'esiswini.—Olwokuhambela kuka'Maria ku'Elisabeth 2. July. T. t. 4. Olwokuzalwa kuka'Johannes umBapatizi 24. June.—T. t. 10. UJohannes umBapatizi, kutiwa, ng'*umAnduleli ka'Kristo*, kungoba waemandulela ukushumayeza abantu; ke, ukubashumayeza kwake, eti, abapenduke balungise, wamlungisela uKristo indhlela.—T. t. 33. Olwokunqunywa kwake ikanda 29. August.—UJesu wati ngaye: *Ngiqinisile ngiti kinina: Kwabazalwa ng'abesifazana kavelanga omkulu kuno-Johannes umBapatizi.*» [2])

[1]) Luk. 2, 51. 52.—[2]) Matth. 11,11.

161. Wati es'ezauqala ukufundisa, uJesu waya ku'Johannes eyokwenziwa-ni na?

Wati es'ezauqala ukufundisa, uJesu waya ku'Johannes eyobatshatizwa uye.

T. t. 11.

162. Es'ebatshatiziwe ng'uJohannes, uJesu waes'eyakwenza-ni na?

Es'ebatshatiziwe ng'uJohannes, uJesu waes'eyozila ukudhla, ekuleka însuku ezi'ma40 ehlane; waes'elingwa-ke ng'usatana.

T. t. 12.

163. Es'evela ehlane, uJesu waes'eyakwenza-ni na?

Es'evela ehlane, uJesu waes'eyofundisa, ashumayeze abantu, amise iBandhla lake.

1. Ngaleyo 'nkati uJesu waes'eneminyaka engatiti i'ma30.[1]) Kade ehlezi njalo eNazareth, waes'emukile kona. Ukubuyela kona, waesabuyela kona kwakanye nje, eyofundisa kona njengas'emadolobeni onke. T. t. 18. Idolobo owaes'enesikundhla kulo l'iKafarnaum ngas'olwandhle lwas'eGenézareth kwelas'eGalileya.—Ukufundisa kwake, wafundisa iminyaka engatiti mi3, waza wahlatshwa onqamlezweni. Inshumayelo yas'entabeni, nezinye îmfundiso zake, nezimangaliso owaeqinisela ngazo ukufundisa kwake, nokuhamba kwake *eqeda izwe lonke 'enza okuhle ku'bantu* [2]), epulukisa abaninginingi, ekipa amademone, nani nani, akufundwe eT. t.

2. Kwabamlandela uJesu waketa abal'i12, babe *abApostole* bake. T. t. 13. 23. Elokuti um apostole l'izwi lesiGreke (apóstolos), liti isitunywa . *Amagama abApostole abal'ishumi nambili nanka: Owokuqala uSimon otiwa uPetrus (uLitshe), nomfo wabo, uAndreas; uJakob ka'Zebedeus, nomfo wabo, uJohannes; uFilipp noBartholomeus; uThomas noMattheus umtelisi, noJakob ka'Alfeus* (ng'omncane, ngoba oka'Zebedeus umkulu kuye ngobudala) *noThaddeus; uSimon was'eKanaan; noJudas was'eKariot owamkapela.*[3])

Emva kwaloku inKosi yaketa nabanye aba'ma72, yabatuma bahambe ngababili, baye pambi kwayo kuwo onke amadolobo nemizi lapo yaizakuya kona. [4]) Yibo okutiwa ng' *abafundi aba'ma72.* T. t. 32.

Wafundisa abafundi bake umkuleko oqala ngokuti 'Baba wetu'. T. t. 41.

3. Ukumisa iBandhla lake, uJesu wati kuPetrus: *Wena*

[1]) Luk. 3,23.—[2]) Enz. 10,38. [3]) Matth. 10,2-4.—[4]) Luk.10,1.

ung'uPetrus, uLitshe; ke, pezu kwaleli'tshe ngizakwaka iBandhla lami, amasango esihogo kayikul'ahlula.» [1]) T. t. 38.

164. AmaJuda ab'emvuma yini uJesu ukuti ung'uKristo aekade emtenjisiwe na?

AmaJuda, imvama yawo, akamvumanga uJesu ukuti ung' uKristo aekade emtenjisiwe.

Kuningi ab'emzonda ngako uJesu; ke, into eyawapamba kakulu, ab'etembe wona ukuti, uKristo uyakuba inkosi enkulu eyakwahlula zonke izizwe, aze ati ey'inkosi yakwa'Israel, abuse wonke umhlaba. Ab'engafuni-ke uKristo ompofu, oy'«indodana yesisebenzi» nje, engafuni nombuso lowo wokwomoya, uJesu owati uzauwumisa, umbuso wezulu belu. Ukumzonda nokuziqenya kwawo, aesey' împumpute, engasaboni nokuti, zonke izibikezelo zas'endulo zagewaliseka kuye uJesu.

«AbaFarisi» l'izwi lesiHeberu, liti abeketelo». «AbaBali» (ngesiHeberu oSoferím) babey'«izazi zomteto». Ke, yilowo 'mBali waeng'umFarisi. Lezo 'zazi, okwazo ukwazi umteto, zazizibumbela emininginingi imiteto nemitetshwana, zibambelele «egameni elibulalayo», zikohliwe ingqondo eyiyo nomoya opilisayo», «*zivova împukane, zitshwabadela amakameli*». [2]) Aike, bonke labo ababambelela emfundisweni yabaBali, kwakutiwa, ng'abaFarisi. Aike, bey'izikulu zamaJuda bahlonitshwa, b'esatshwa kakulu ng'umpakati wabantu. Nango-ke uJesu es'efundisa abantu imfundiso enhle epambene neyabaBali. Abantu bamlandela yena, bamjabulela kakulu, beshiya abaBali nabaFarisi, bezibonela ukuti uJesu uqinisile, eti: «(AbaBali nabaFarisi) *bayambopela umuntu imitwalo enzima engatwaleki, bametshatise yona, kanti bona abafuni ukuyisunduza nangomunwana lowo nje.*» [3]) E! ngenxa yaloku abaFarisi nabaBali basebemzonda uJesu nokumzonda, bafun' ukumbulala.

[1]) Matth. 16,18.—[2]) Matth. 23,24.—[3]) Matth. 23,4.

Isahlukwana sesi-I somvumokolo.

"(Ngiyakolwa ukuti uJesu uKristo) wahlutshwa kubusa uPonsius uPilatus, wanqanyulezwa, wafa, w'embelwa."

I.

Indaba yokw'enzekayo ngênsukwana zokugcina es'ezaunqanyulezwa uJesu. waza wanqanyulezwa.

Naku ukulandelana kwezindaba:

1. *Ngesonto,* es'ezaunqanyulezwa ngolwesihlanu, uJesu wangena ngobukosi eJerusalem. T. t. 57. Wati uJesu es'ezauqeda ukusindisa abantu ngokuhlatshelwa onqamlezweni, watanda ukuvunywa obala ukuti ung'uKristo lowo, abantu ababemtenjiswe kakade.—Isonto lamasundu.

2. *Ngolwesine kusihlwa,* ezaunqanyulezwa ngangomuso, uJesu wamisa iSakramente lokubonga okutiwa elas'elatini. T. t. 65, 66, 67, 68.—Olwesine olukulu olwandulela ipasika.—OlweSakramente lokubonga lungolwesine olulandelana nelobuTatu obuew. Umkosi walo ugujwa ngesonto elilulandela. Yilo olwesine njalo olwahlukaniselwe ukukumbula nokwazisa iSakramente eliy'ingew.

3. *Ngolwesine lona lolo, sekus'ebusuku,* uJesu wafikelwa usizi kwangati olwokuyalela, waes'ejuluka igazi. T. t. 69. Ukujuluka kwake igazi, wajulukiswa y'ini na? Pela, wafikelwa usizi olwesabekayo kwangati us'eyafa nokufa; into enkulu, waazi ukuti us'ezauhlutshwa, abulawe kalukuni impela, yikona ezausindisa abantu bonke, ebona nganxanye ukuti abaningi, benamandhla okuz'enzela njalo, abayikusinda noko, bengakolwa kuye, kumbe beng'enzi akufundisile nakuba bekolwa kuye.—Imfihlo yokuI yerosari lokuhlupeka ng'eyokuti, uJesu wajuluka igazi ngenxa yetu. -Elitanini leGama lika'Jesu siti: Ngenxa yosizi lwako kungati olwokuyalela sisindise, 'Jesu.

4. *Ngabwona lobo 'busuku,* es'ejuluke igazi, uJesu wabanjwa, wabotshwa. T. t. 70.

5. *Ngolwesihlanu, kuses'ebusuku,* uJesu wamiswa pambi kuka'Annas napambi kuka'Kaifas. T. t. 71.

UJesu es'enkantolo yabapriste abakulu, wapikwa uPetrus ehlezi ngapandhle egcekeni layo. T. t. 72.

Es'ekitshiwe enkantolo waswabulelwa ng'amabuto abapriste abakulu nabanye futi. T. t. 73.

6. *Ngolwesihlanu lona lolo, sekusile,* uJesu wabuyiselwa enkantolo yabapriste abakulu, walahlwa, kwatiwa, abulawe. T. t. 73.

7. Es'elahliwe abapriste abakulu, wayiswa ku'Hulumeni, uPonsius uPilatus. T. t. 74.—UPonsius uPilatus waeng'uHulumeni welakwa'Juda, eng'umBambeli ka'Kesare was'eRoma. AmaJuda wona ngokwawo ab'engasena'mandhla okuteta amacala egazi; into aekwaz' ukuy'enza, ng'ukwazisa uHulumeni ukuti, ngomteto wakubo umuntu owenze ukuti, ufanele ukubulawa.

8. UPilatus wagcina ngokuti, uJesu akayiswe ku'Herodes. T. t. 74. UHerodes otiwa uAntipas, umfana ka'Herodes omkulu, waeng'uHulumeni was'eGalileya; ke, njengoba uJesu waenesikundhla kona (eKafarnaum), uPilatus wamtumela ku'Herodes, 'enzela ukuba babuye b'ezwane, ngoba kade bengas'ezwani. Kodwa, njengoba ngokuzalwa kwake uJesu waeng'owas'eJudia, wabuyiselwa ku'Pilatus.

9. Es'ebuyiselwe kuye uPilatus wati, akatshaywe. T. t. 75. Ukutshaywa loko, kwakutshaywa ngezixa zeziswebu, otshaywayo ebotshelwe ensikeni, ekunyulwe ingubo. -Imfihlo yesi2 yerosari lokuhlupeka ng'eyokuti, uJesu watshaywa ngenxa yetu.

10. Es'etshayiwe, uJesu waqeliswa umqele wameva. T. t. 75. Ukuqeliswa loko kwakunge'mteto; amabuto ka'Pilatus azidhlalela nje, emenza inkosi, inganti nempela eyiyo inKosi yamakosi, uGobangqongqo! Imfihlo yesi3 yerosari lokuhlupeka ng'eyokuti, uJesu waqeliswa ngameva ngenxa yetu.

11. UPilatus noHerodes, bobabili abafumananga 'cala ku'Jesu. Aike, uPilatus waelinga nje ukumkulula. Into yokuqala, njengoba ngepasika uHulumeni waetukululela amaJuda njalo isibotshwa esil'iJuda, wati, akaziketele noma uJesu noma uBarabbas, etemba ukuti angaketa uJesu, loku uBarabbas waey'isigebengu sohlobo; kepa amaJuda aketa uBarabbas. T. t. 75. Into yesibili, uPilatus wati, uJesu akatshaywe, ab'es'eyekwa; kodwa amaJuda akavuma. (Sesitshilo lapa ku'*number* 9.) -Into yesitatu, uPilatus wawatshengisa amaJuda uJesu es'etshayiwe, enomqele wameva, eti: «Ecce (ektshe) Homo!», Nang' umuntu!, etemba ukuti angahaulwa uye, amyeke; wona-ke akamyeka kodwa. T. t. 76.

12. UPilatus wamlahla noko uJesu. T. t. 76. Ati-ke amaJuda es'emsongela ukuti kasayikuba umngane ka'Kesare, uma engamlahli uJesu, waes'evuma nje ngobugwala; waes'egeza izandhla, efanekisa ukuti, akalifumani icala lokumbulala uJesu, enalo noko nganxanye, ngoba amaJuda nga'ahluleka, uma waengavumanga yena.

13. UJesu es'elahliwe, wayiswa eKalvari, ez'etshatele unqamezo lwake. T.t.77. Akufundwe okubaliwe ngoIsaak ku'*number* 113,1.

Indhlela uJesu owahamba ngayo eyakunqanyulezwa, kutiwa, y'«indhlela yonqamlezo». Kuyabonakala ukuti uNina ka-'Jesu nabafundi bake namakolwa nje avam' ukuhamba yona, b'eme kulezo 'zindawo lapo uJesu w'enza okutile, w'enziwa okutile kona. Kwenziwa njalo nanamhla eJerusalem. Ke, kunge amakolwa onke akwaz' ukuya eJerusalem, sokungahanjwa *indhlela yonqamlezo* nas'emasontweni nakwezinye izindawo nje ezilungiselwe loku. Imfihlo yesi4 yerosari lokuhlupeka ng'eyokuti, uJesu w'etshata isipambano ngenxa yetu.

14. Es'efikile eKalvari, uJesu wakunyulwa îngubo, wabetelwa ngezipikili onqamlezweni, walengiswa-ke kulo. T. t. 77. Endulo ukunqanyulezwa kwakuy'inhlaulo yezigqila, ihlazo pela elikulukazi. . . . *uKristo onqanyuleziweyo, into ey'isikubekiso ekuboneni kwamaJuda, eng'ubuula ekuboneni kwabezizwe, kepa kwababiziweyo, noma beng'amaJuda, noma amaGreke* (abezizwe), *uKristo ung'amandhla ka'Nkulunkulu nokuhlakanipa ka'Nkulunkulu.*» [1])

15. Es'enamahora ama3 enqanyuleziwe, [2]) uJesu wakitiza ikanda, wafa. T. t. 78. Uma kufa umuntu oumuntu nje, ikanda liyakitika, uma es'efile. UJesu ekitiza ikanda kuqala, ab'es'efa, uyabonakalisa ukuti ung'uNkulunkulu, nokuti *wahlatshwa, ngoba wazitandela.*» [3])

Nanka amazwi a'si7, uJesu owawatsho es'onqamlezweni:

1. *'Baba, batetelele, ngoba abay'azi into abay'enzayo.*» [4])
2. Wati esigebengwini esapenduka: «*Ngiqinisile ngiti kuwe: kona namhla uzauba s'emparadisweni kanye nami.*» [5])
3. Wati ku'Nina: «*Wena owesifazana, nans'indodana yako!*»; wati ku'Johannes: «*Nang' unyoko!*» [6])
4. «*'Nkulunkulu wami, 'Nkulunkulu wami, ungishiyele-ni na?*» [7])
5. «*Ng'omile.*» [8])
6. «*'Kuqedakele.*» [9])
7. «*'Baba, ezandhleni zako ngiy'etula umoya wami.*» [10])

Imfihlo yesi5 yerosari lokuhlupeka ng'eyokuti, uJesu wanqanyulezwa ngenxa yetu.– Olwesihlanu olumnyama.—Yilo olwesihlanu njalo olwahlukaniselwe ukukukumbula nokwazisa ukusifela kuka'Jesu onqamlezweni.

[1]) 1. Kor. 1,23-24. – [2]) Amagama lana JNRJ kumbe INRI ati: *J*esus *N*azarenus *R*ex *J*udaeorum, yiwo belu uPilatus uJesu was'eNazareth inkosi yamaJuda owati, akafakwe pezu kwekanda lika'Jesu onqamlezweni ngesi-Heberu nangesiGreke nangesiLatini. – [3]) Is. 53,7.– [4]) Luk. 23,34. – [5]) Luk. 23,43.– [6]) Joh. 19,26-27.– [7]) Matth. 27,46.– [8]) Joh. 19,28. —[9]) Joh. 19,30.—[10]) Luk. 23,46.

16. uJesu es'efile, ibuto lafika, lamgwaza ngomkonto. T. t. 79. Amanxeba mahlanu ku'Jesu: mabili ezandhleni, mabili ezinyaweni, linye ohlangotini.

17. *Ngolwesihlanu kusihlwa* uJesu w'embelwa T. t. 79.

II.

UJesu uKristo.
umSindisi womhlaba.

165. Ukusindiswa kwabantu, kwasweleka ukuba kwenziweni na?

Ukusindiswa kwabantu, kwasweleka ukuba icala ababelitolile ku'Nkulunkulu lihlaulwe, nokuba ixotsho elicwebisayo ababelilahlekelwe balibuyiselwe.

Akufundwe lapa futi okuku'*number* 91.—Into enkulu, kwasweleka ukuba kuhlaulwe *isono sakuqala*. Kodwa nazo zonke ezinye izono, yilowo nalowo 'muntu az'enzela zona, zaswela ukuhlaulwa.

166. Kute abantu ngokwabo b'ahluleka ukuzihlaulela, kw'enzeka yini ukuba bahlaulelwe na?

Yebo, kw'enzeka ukuba abantu bahlaulelwe, ngoba kwaba kuhle ku'Nkulunkulu.

Kungako-ke umuntu wakwa'Israel, wat'uma etand' ukubongelwa, es'etule isilwane ku'bapriste, wabeka izandhla pezu kwenhloko yesilwane, efanekisa ukuti isilwane siyamhlaulela.—Pela, ukuti ukuhlaulelwa kung'enzeka, y'into eng'umdwamba. Inxa kutiwa enkantolo, uBanibani akahlaule ngeshumi lênkomo, uma engenalo, abotshwe, kungavela umhlobo wake, umngane wake, ati: Mi, nant' ishumi lênkomo, ngiyakupa lona; amhlaulele-ke kanjalo.

Ukuhlaulelwa kwabantu nokubuyiselwa ixotsho elicwebisayo.

167. UJesu uKristo wahlaulela abantu ngokwenza-ni na?

UJesu uKristo wahlaulela abantu ngako konke akwenzile, selo waba umuntu, waza wafa onqamlezweni.

Ukuhlaulela abantu, kuyabonakala ukuti inDodana ka'Nkulunkulu yaqala ukubahlaulela kona isaqala ukuz'enz' umuntu. Naku kutsho uPaulus ocw., eti: *UKristo uJesu, owati uma waesenesimo sika'Nkulunkulu* (esenobukosi bwobuNkulunkulu bwake ezulwini pela), *waengatsho ukuti ukulingana kwake noNkulunkulu ng'ukupanga* (loku inDodana ka'Nkulunkulu ilingana noNkulunkulu uYise), *wazicita nyá etata isimo sesigqila, 'enziwe afane*

nabantu, ukubonakala kwake afunyaniswe enjengomuntu. Wazitoba, ngoba waelalela. [1]) Ng'ukuzicita nyá (1) ngoba ubuntu buy'into epansi kakulu kakulu kwobuNkulunkulu, kakulu kunokuti, ubunja bupansi kakulu kwobuntu, kuyiko (2) ngoba wati eng'uNkulunkulu ong'uye njalo, watukusa ubuNkulunkulu pansi kwobuntu, bungabonakali (bwabonakala, mhla waguqulwa esinye isimo, nalapo waes'evukile ekufeni). E, naku! ehlaula ukuzikukumeza kwabantu bokuqala okwatiwa kubo: «*Niyofana noNkulunkulu.* Kus'obala kambe ukuti ukuz'enza kwake umuntu kona kodwa nje ngakulungele ukuqeda yonke inhlaulo eyasweleka ngenxa yecala lesintu; kodwa uNkulunkulu wafuna nenye inhlaulo. —Wati ezitoba njengob' eng'uNkulunkulu, wabuya wazitoba, njengob' eng'umuntu, empofu pela, eng' *umfana wesisebenzi nje*.—Nako konke okunye owaekw'enza uJesu w'enzela ukuhlaulela abantu.

168. Ukusihlaulela kwake okukulu kw'enzeka mhla uJesu w'enza-ni na?

Ukusihlaulela kwake okukulu kw'enzeka, mhla wabonga onqamlezweni.

Ukubonga kwas'endulo nokubonga kwenDodana ka'Nkulunkulu onqamlezweni.

169. Kukona yini umteto woku"bonga" uNkulunkulu opilayo, ong'uye na?

Yebo, kukona umteto woku"bonga" uNkulunkulu opilayo, ong'uye, nembala wauyiloku ulondwa seloku kwadalwa abantu.

1. Ukubonga kwamaqaba, ebonga amadhlozi, ewabonga *ngokuwahlabela izilwane,* ewabonga *nangokudhla,* kuvele-pi na? Kuvele kwakutshoyo uPaulus ocw., eumlomo woMoya ocw. kambe eti: *Ubukosi buka'Nkulunkulu ongena'kububa babwenana ngomfanekiso womuntu obubayo* (ngamadhlozi pela). [2]) Kodwa nans' indikimba yendaba, ukwazi pela ukuti, ukubonga kuy'into eswelekile, bamuka nako, bemuka kwa'Noe, njengoba nazo zonke ezinye izizwe, mhla zamuka kwake, zamuka naloko 'kwazi. Bati-ke abantu abamnyama uba baqale ukubonga amadhlozi, bengasabongi Yena uNkulunkulu ong'uye, kwasekung'aobani ababebabonga na? Naku kutsho uMoya ocw. ngomlomo ka'Paulus ocw., eti: «*Akuhlabayo amaqaba, ayakuhlabela imimoya emibi* (usatana namademone).» [3])

[1]) Fil. 2, 6-8.—[2]) Rom 1, 23.—[3]) 1. Kor. 10, 20.

Kuyabonakala-ke ukuti, ukubonga kwamaqaba nokwabamaziyo uNkulunkulu kunye *indikimba yako;* kwahlukene *nje ngokuba abamaziyo uNkulunkulu babonga Yena,* inganti *amaqaba es'ebonga okunjeng'uNkulunkulu kuwona,* noma l'idhlozi, noma l'ilanga, noma y'inkomo, noma ng'okutiwa ng'uBaal, noma okutiwa ng'uMolok, noma kuy'ini nani.

2. Njengoba amaqaba ang'abantu esabonga nanamhla *ngezilwane nangokudhla,* kanjalo *nokubonga kwokuqala* esikwaziyo, okuka'Kain noAbel belu, kwabongwa *ngezilwane nangokudhla* (T. d. 5.), kodwa kus'obala ukuti izimvu zika'Abel nokudhla kuka-'Kain kwabonga *uNkulunkulu ong'uye.*—Futi, nang' ukoko wetu sonke, uNoe, emakela uNkulunkulu ilati ngamatshe kube l'ilati lokubongela, ab'es'ebamba izilwane emhlambini wake, azihlabe, azitshise, ehlabela, etshisela uNkulunkulu ong'uye (T. d. 8).—Nang' uMelkisedek ebongela uAbraham ngokudhla, isinkwa newaine kokubili kubonga uNkulunkulu ong'uye (T. d. 12).—Nang' uAbraham, wat'uma 'ezwile ku'Nkulunkulu ukuti, akambonge ngokumhlabela indodana yake eyodwa, ab'es'eyekelwa, wabamba ingqama, wayihlaba, wayitshisa, ebonga uNkulunkulu ong'uye (T. d. 15).—Namp' abakwa'Israel, abat' uma sebezaupuma eGipite, uNkulunkulu wati, abambonge ngemvana okutiwa eyepasika (T. d. 34).—Naku futi-ke ukubonga okudumileyo kuka'Elias umprofete, abapriste baka'Baal b'ahluleka (T. d. 70).

170. Ngendaba yokubonga eTestamenteni elidala uNkulunkulu watshaya umteto wokuti-ni na?

Ngendaba yokubonga eTestamenteni elidala uNkulunkulu watshaya umteto wokuti, abakwa'Israel abambonge ngezinhlobonhlobo zokubonga.

1. Kwakubongwa *ngokuhlabela* uNkulunkulu izilwane, *nangokudhla.*

Ezilwaneni, kwakubonga nje izinhlobo ezitize okutiwa ng'*eziy'ingewele* (inkomo, imbuzi, imvu, amajuba); ezinye (ingulube, izinja, inyamazane nani nani) kwatiwa ng'*ezingey'ingewele,* njengoba naku'bantu abamnyama ezinye izilwane ziyabonga, ezinye kazibongi.

Nas'ekudhleni, okunye *kwakuy'ingewele* (izitungwana zenhlamvu zenqolowa, nezokunye okufana nayo, impupu, isinkwa; izitelo zemiti, ikakulu ezevina, newaine; amafuta avela ezitelweni zomuti okutiwu u*olive tree*), okunye *kungey'ingewele* (uju, inhlama evutshelwe, nani).

2. Ukubonga kw'ahlukana ngezisusa zako:

(a) ukubonga *ngenxa yokukulekela uNkulunkulu,* ukuvuma

pela ubukosi bwomNini'muntu; yiko okubizwa futi ngokuti ng'*ukutshisela uNkulunkulu,* ngoba isilwane esasizobonga, sesihlatshiwe, satshiswa, yonke inyama yaso, kanye nokudhla okwakwetulelwa ukubonga kanye nesilwane.

Kuyabonakala ukuti nabantu abamnyama bayalwazi lolu 'luhlobo lwokubonga, ngoba, mhla inkosi yakwa'Zulu inyateliswa, inkomo ebongayo, uma is'ihlatshiwe, iyatshiswa yona yonke kanye negazi layo, itshiselwe amadhlozi.

(b) ukubonga *ngenxa yokuhlanziwa* amacala.

(c) ukubonga *ngenxa yokuhlaula* amacala,

(d) ukubonga *ngenxa yokubonya ngenhlanhla* eseitoliwe kumbe *ngenxa yokucela inhlanhla;* e! yiko okutiwa ng'*ukubongela uxolo,* ngoba ababebonga ngalolu 'luhlobo babengaxakwe 'cala la'luto, uNkulunkulu ebaxolele. Lapo-ke kwatshiswa nje inxenyana yesilwane, enye inyama yadhliwa abapriste, enye yadhliwa ng'owabongelwa kanye nabakubo; kwatiwa-ke, abantu "bacambalalela ukudhla kanye noNkulunkulu".

171. Po, ukubonga kwas'eTestamenteni elidala kwakunamandhla yini na?

Ukubonga kwas'eTestamenteni elidala kona ngokwako kwakungena'mandhla; ukuba kwaba nawo, kwaya ngokuwatola ekubongeni kwomSindisi wabantu.

1. *Ukubonga loko kona ngokwako kwakungenamandhla:*— Nang' uNkulunkulu eti: *Konje ngiyayidhla yini inyama yezinkunzi na? igazi lezimpongo ngiyalipuza yini konje?* [1]) Uti futi: *Angikusoli ngokubonga kwako, loku izitshiselo ongitshisela zona zihleze zibonakala pambi kwami. Kodwa amankonyana akwako, nezimpongo zemihlambi yako, akuyiloku engifun' ukukutola. Ngobapela yonke inyamazane yas'ehlatini nezilwane zas'entabeni nênkomo ziy'into yami. Zonke izinyoni zas'emkatini ngiyaz'azi, nokuhlobisayo amasima kus'emandhleni ami. Ukuba bengingalamba, bengingayikutsho kuwe, loku umhlaba nokupetwe kuwo ng'okwami belu. . . . Qa pela, ukubonga kwako uNkulunkulu, aumbonge ngokumdumisa, ugcine izitembiso zako omtembise zona uPezukonke.* [2]) Nembala, ukuhlatshelwa izilwane, nokutshiselwa zona, nokwetulelwa ukudhla, konke loku ngokwako kodwa nje kuy'ini kambe ku'Nkulunkulu, Yena ongadingi, engasweli 'luto na? Aku'nto ya'nto. Yiko akutshoyo noPaulus oew. eti: *Umteto* (was'eTestamenteni elidala), *njengoba waunalo itunzi nje lokuhle okwakuyakwenzeka, ungenayo insweba yezinto ezikona ngempela, kung'enzeke ukuba wona ulungise ngokuyiko abasondela* (ku'Nkulunkulu) *ngoku-*

[1]) Hlab. 49,13. — [2]) Hlab. 49,8-12. 14.

bongabonga loko okupindwa iminyaka ngeminyaka, kuokonakona njalo. Uma bekungenjalo, ngakupele ukubongabonga loko, ngobapela ababongayo, bat' uma sebehlanzwe noma kanye nje, ngasebez'azele ukuti izono zipelile; kanti, ekubongabongeni loko, naku: kukona okw'enziwa yonke iminyaka, kwenzelwa ukukumbula izono. Ngobapela kung'enzeke nanini ukuba izono zisuswe ngegazi lênkunzi nêmpongo.» [1])

2. *Kodwa noko uNkulunkulu waefuna ukubonga loko, futi kwakumnandi kuye.* Kuyabonakala ukuti ng'uye uqobo owatshaya umteto wokuti, abakwa'Israel abambonge ngokumhlabela ukuti nokuti imihla ngemihla, nangokumetulela ukudhla kwokuti nokuti, bambonge ngokuti uma ku ukuti. Futi kuy'ezwakala ngamaningi amazwi as'enCwadini ey'ingcwele ukuti w'enamela ukubongwa loko, ngezinye izikati ezitshisela Yena inyama nokudhla okubongile ngomlilo was'ezulwini. T. d. 65. 70. Kw'enziwa y'ini? Kw'enziwa ngoba

3. ukubonga kwas'eTestamenteni elidala *kwatata amandhla ako ekubongeni kwomSindisi wabantu:—«Bakona ababonga njengomteto* (ka'Moses) *ngokubonga okuy'isifanekiso netunzi lokwas'ezulwini.* [2]) Kungako-ke, kwat'uma sekw'enzeka ukubonga okuyiko, kwasekuzaupela konke okunye ukubonga. Yiko uNkulunkulu owaekukomba, eklebula indwangu eyaifihla indawo ey'ingcwele ewe yas'etempeleni, la ukubonga okuyiko kwasekwenzekile. T. d. 40. T. t. 78.

172. Ukubonga okuyiko, kwabonga 'bani na?

Ukubonga okuyiko, kwabonga uJesu uKristo, inDodana ka'Nkulunkulu, ehlabela uYise onqamlezweni, kung'uye futi ohlatshwayo.

E! loko 'kubonga kuyabonakala ukuti

1. kwakungase umnumzana nje njengabapatriarke labo bas'endulo, kungase umpriste nje futi njengabakwa'Levi (T. d. 41.), kwakungase *umuntu oumuntu njena* obongayo; lapo kwasekubonga *umuntu ong'umzimeli wobuNkulunkulu,* yona *inDodana ka'Nkulunkulu,* «umPriste wetu omkulu» [3]), «umLungiseli os'emkatini ka'Nkulunkulu nabantu» [4]) Kuyabonakala nokuti

2. *kwakungase inkomo nembuzi nemvu* nani nani ebongayo, kwasekuyiyo inkomo eyiyo ka'Nkulunkulu, sekuy'imVana eyiyo ka'Nkulunkulu ebongayo, *yena umuntu lowo,* umntwana ka'Maria, uJesu uKristo oy'*inDodana ka'Nkulunkulu.* E! kwakungase 'nyama ya'silwane nje ebongile, kungase 'gazi la'silwane notshwa-

[1]) Heb. 10,1-4. — [2]) Heb. 8,5. (Kol. 2,17.) — [3]) Heb. 4,14. — [4]) 1. Tim. 2,5.

la nani nani ebongile, *sekuy'inyama negazi lenDodana ka'Nkulunkulu elibongile.*

Nang' uJesu uqobo eti: *Mina ngifikile, ngizozipilisa* (izimvu), *zicicime impilo. Mina nging'umalusi omuhle. Ke, omuhle umalusi uyazidela amatambo ngenxa yezimvu zake* [1]) *Ukungitanda kuka'Baba kuya ngoba ngizidela amatambo.* [2]) *Indodana yomuntu aizele ukukonzwa, izele ukukonza nokuzidel' amatambo kube y'inhlaulo yabaningi.* [3]) *Y'inyama yami (ehlatshelwa) ukupilisa umhlaba.* [4])—Yikona loko abakutshoyo nabapostole: *Ukufa ngenxa yesono wafa kwakanye.* [5]) *Izono zetu waz'etshata yena uqobo emzimbeni wake, ez'etshatela emtini* (onqamlezweni), *kona koti, uma sifile singaseko ekwoneni, sihlalele ukulunga, ng'uye-ke enipulukiswe ngemivimbo yake.* [6]) *Uy'inhlaulo yezono zetu, kodwa ai ezetu nje kupela, ng'eyezomhlaba wonke pela.*» [7]) Kubonakala nokuti

3. akuse 'tongo, akuse 'dhlozi, akuse 'nto-ni ebongwayo lapo; *kung'uye uNkulunkulu ong'uye, opilayo, obongwayo.*

Pela, kuy'ezwakala ukuti, seloku kw'enzeka loko 'kubonga, zonke ezinye izinhlobo zokubongo *zil'ize; yiloko kona kodwa okuyiko.*

Nang' uPaulus oew. ec[h]aza yonke indaba eti: *Netestamente lokuqala kambe lalinezimfanelo zenkonzo, futi lalinendhlu ey'ingew. yalapa emhlabeni nje. Ngobapela kwakulungiswe itente, elinganeno—lapo kwakukona ilampu* (eli'zimbaqa 'zinkota) *netafula nezinkwa ezazibekwa kona—kutiwa y'indawo ey' ingewele . Ngalé kwendwangu yesibili kwakul'itente elitiwa y' indawo eyingewele ewe , linesitsha segolide sokutunqisela, linendhlwana yemvumelano, ifakwe igolide yonk' indawo, pakati kwayo kukona isitsha segolide sika'mana, nenduku ka-'Aaron eyaihlumile, namatshe emiteto, pezu kwayo kukona ama-'Kerubim* (izitombe) *obukosi buka'Nkulunkulu, esibekela isihlalo soxolo* (ifu pela, uNkulunkulu owaehlezi kulo)—*kodwa angisweli ukukuluma manje ngayo yonke into nentwana* (ekuluma ema-Judeni az'azela nje ukuti itente lenhlangano lalinjani, lalinani). *Kwati-ke konke loku kulungiswe kanjalo, abapriste babeya etenteni elinganeno lapo babegeina kona inkonzo yokubonga; kepa itente elingalé, umpriste omkulu yena yedwa waengena kulo kanye nje ngonyaka, engena'kungena engapete igazi ab'eyakul'etula ngenxa yezake nezabantu izono; ke, uMoya oew. waukomba ngaloko ukuti, indhlela yokuya endaweni ey'ingewele ewe yaingakati mba kus'emi itente elinganeno, elona ling'umfa-*

[1]) Joh. 10, 10-11.— [2]) Joh. 10,17.—[3]) Matth. 20,28.— [4]) Joh. 6,52. [5]) Rom. 6,10.—[6]) 2. Pet. 1,24.—[7]) 1 Joh.2,2.

nekiso wesikati samanje (kwati uJesu es'ebongile onqamlezweni, itempele lingakadilizwa kodwa amaRomani, amaJuda aesakonza etempeleni), *loku kubongwa ngokudhla nangokuhlabela okungena'mandhla okumlungisa ngokuyiko enhliziyweni pakati umuntu okonza uNkulunkulu ngezinto zokudhliwa nokupuzwa kupela nje nangokugeza okuninginingi nemikuba nje yokuhlanza inyama, konke loku kwaku umteto nje kuze kube isikati somteto olungisa omdala*

Kepa, kwati uKristo ehlalukile eng'umPrist'omkulu wokuhle okwakutiwe kuyakuza, wangena endaweni ey'ingewele ewe (eyiyo belu, eyas'ezulwini), *edabula etenteni elikulu nelipelele kunalelo* (ubuntu bwake pela), *eling'enziwe ngezandhla, elingeyinto pela yalo'mdalo* (emitwe ngoMoya oew.), *futi engangeni endaweni* (eyingewele ewe) *ngegazi lèmbuzi namankonyana, wangena kuyo ngelake igazi kanye kupela, esizuzela ukusindiswa kwapakade. Ngobapela, inxa igazi lèmbuzi nelamatole nomlotu wenkomazi, ngokuba abanindiweyo babec[h]elwa ngako, kulungel' ukuhlanza kuhlanzeke okwenyama, kakulu kangakanani igazi lika'Kristo, owaz'etula ngoMoya oew. ku'Nkuiunkulu, engena-'sici, e! kakulu kangakanani igazi lake lohlanza inhliziyo yetu, kwesuleke izenzo ezifileyo, ukuze sikonze uNkulunkulu opilayo, na? Ngako-ke ung'umLungiseli wetestamente elitsha os'emkatini* (lapa ng'uNkulunkulu ngalapo ng'abantu), *kona koti, es'efele ukuhlaula izono zas'etestamenteni elidala, ababiziweyo* (bebizelwe ukukolwa ku'Kristo) *batole isitembiso sefa lapakade.* [1]) *Ke, manje isikati sesipelele,* (uKristo) *wahlalaka kwakanye eyosusa izono ngokuhlatshwa kwake.* [2]) *Niy'azi ukuti aniteng'wanga ngegolide nesiliva nje elil'ize, . . . natengwa ngegazi elil'igugu lika'Kristo, ey'imvana enganindiweyo, engena'sici,* (ey'imvana eyiyo yepasika belu). [3])

Ngako-ke kutiwa emisseni nas'ekugeineni kwamalitani: *'MVana ka'Nkulunkulu, wena osusa izono zomhlaba ;* kutiwa ezomhlaba, ngoba umhlaba w'ona yini? Qa kambe, kwona umuntu, kodwa ngokwona kwomuntu kw'onakala nomhlaba, waqalekiswa, nawo sous'emandhleni ka'satana. Aike, ukusindiswa, kwasindiswa abantu nomhlaba, yonke into yokwomhlaba is'ikipeka emandhleni ka'satana, njengoba kuyaucasiswa lapo kupatwa kona amasakramentale.

173. Ukusihlaulela kwake, uJesu wahlaula ngokulingeneyo na?

Yebo, ukusihlaulela kwake, uJesu wasihlaulela ngokulingeneyo, eng'uNkulunkulu ong'uye, eng'umuntu ong'uye.

[1]) Heb. 9,1-15. —[2]) Heb. 9,25.—[3]) 1. Pet. 18,19.

Ukwona kwabantu bokuqala, kuyabonakala ukuti ukwona, *kw'ona umuntu*, ukwoniwa *kw'oniwa uNkulunkulu;* kunjalo futi ukwona kwayilowo nalowo 'muntu. Manje-ke, uJesu eng'umuntu ong'uye, ukusihlaulela kwake, *kwahlaula umuntu;* eng'uNkulunkulu ong'uye, loku ey'inDodana ka'Nkulunkulu, ukusihlaulela kwake, *kwahlaula uNkulunkulu* (*number* 91).

174. Inana lenhlaulo, asisebenzele yona uJesu, lingakanani na?

Inana lenhlaulo, asisebenzele yona uJesu, alina'kutiwa lingakanani, ngoba alikauki 'ndawo.

175. Inana lenhlaulo ka'Jesu alikauki 'ndawo ngani na?

Inana lenhlaulo ka'Jesu alikauki 'ndawo, ngoba konke okw'enziwa ng'*umuntu uJesu* kw'enziwa ng'*uNkulunkulu uJesu.*

Le'ndaba yenqike kweyakulunywa ku'*numbers* 122-139.—Amandhla omuntu akangakanani. Amandhla engelosi ayawadhlula kakulu awomuntu. Kanti amandhla ka'Nkulunkulu akakauki 'ndawo.—Ukukuluma kwomuntu oumuntu nje ng'ukukuluma kwomuntu nje kupela. Ukukuluma kuka'Jesu ng'ukukuluma kwomuntu onge'muntu nje, ng'okwomuntu ong'umzimeli wobuNkulunkulu, ng'okwenDodana ka'Nkulunkulu. Kunjalo nokudhla nokulala, nokubaza amaplankwe, nokuhamba ngênyawo, nokujuluka nokuti-ni nokuti-ni kuka'Jesu. Kanjalo *ukuhlupeka kwake (enhliziyweni)* es'engadini yemigwenya, efikelwe «usizi kungati olwokuyalela» olwamjulukisa igazi, ebotshwa, eswabulelwa, emukulwa, etshaywa ngezixa zeziswebu, eqeliswa ngameva, 'etshatiswa unqamlezo, ebetelwa onqamlezweni, elenga kulo, ebona uNina emkalela, ekatshelwa uJudas, edeliwe abafundi bake, epikwa uPetrus, nako konke okunye ukuhlupeka okunhlobonhlobo okw'ezwakala enhliziyweni yake kwakung'ukuhlupeka kwomuntu kambe, kodwa kunge okwomuntu oumuntu njena, kung'okwomuntu ong'umzimeli wobuNkulunkulu, kung'ukuhlupeka kwenDodana ka'Nkulunkulu. E! kuyiko, angiti kuy'inhlaulo e'nana layo lingena'mkaulo, loku kuhlaula uNkulunkulu, na?

Futi, ukujuluka kwake igazi, ukubotshwa, ukutshaywa, ukuqeliswa ngameva nani nani, ngitsho belu bwonke *ubuhlungu uJesu owaebuzwa emzimbeni* ng'ubuhlungu bwomuntu kambe, kodwa ng'ubuhlungu bwenDodana ka'Nkulunkulu futi ngoba lowo 'mzimba ng'owenDodana ka'Nkulunkulu. E! buyibo, angiti buy' inhlaulo e'nana layo lingena 'mkaulo na?

Ukufa konje kuka'Jesu, kwafa oy'ini na? ong'umuntu njena na? ong'uNkulunkulu na? Ong'uNkulunkulu angafa yini na?

UNkulunkulu, njengoba euNkulunkulu nje, angefe. Kanti noko, ukufa kuka'Jesu, *kwafa umuntu ong'umzimeli wobuNkulunkulu*, loku umuntu uJesu engesiye umzimeli wobuntu. Kwafa-ke umuntu oy'inDodana ka'Nkulunkulu.

Kungenxa yaloku ukuba inDodana ka'Nkulunkulu yaz'enza *umuntu. Ngako-ke wati (uJesu) uma esaqala ukufika emhlabeni, wati: "Ukubongwa ngokuhlatshelwa* (inkomo nembuzi, nani), *nangokudhla, aukufunanga kona, kepa ungilungisele umzimba; izitshiselo zokuhlaula izono, auz'enamelanga." Ngasengiti mina: Nangu mina, sengiy'eza—ekuqaleni kwenCwadi kubalwe ngami, kutiwa, ngizakwenza okutandayo wena, 'Nkulunkulu.*» [1])

176. Yizipi izono ezahlaulwa ng'uJesu na?

Izono ezahlaulwa ng'uJesu, y'isono sakuqala nezono zonke ez'enziwa ng'abantu.

Ukuti inana lenhlaulo ka'Jesu lilingene nezono zonke lezo, sokuzwakele. Nonxa kukokwa yonke inhlaulo efuneka ngenxa yesono sakuqala nangenxa yazo zonke, abantu abaz'enzela zona, kubuya kusale enye. Kwakubikezelwe kakade ukuti: «*Kukona umhau enKosini, kukona kuyo ukusindiseka okucicimayo.*» [2]) Kunjengakutshoyo uJohannes oew., eti: (UJesu 'Kristo) *uy' inhlaulo yezono zetu* (tin' esesing'amakolwa), *ai kodwa ezetu nje kupela, ng'eyezomhlaba wonke.*» [3])

Kubonakala ukuti y'izilima eziti, abantu abamnyama, bey'inzalo ka'Kam, beqalekiswe ngokuqalekiswa kwake, abana'kukululwa emtetweni wesiqalekiso leso, ngako-ke abasindiswanga; bengasindiswanga, abana'kufika ezulwini; ngako-ke nokukolwa kwabo akusizi. Y'izilima , lokupela ukusindisa kwake, uJesu engaketanga, uy' *inhlaulo yezono zomhlaba wonke*», «*uKristo wafela bonke, yikona koti abapilayo bangabe besazipilela bona, bapilele lowo owabafela wabuya wavuka.*» [4])—Isiqalekiso sika'Noe y'isiqalekiso somuntu. Po, sasingay'ahlula yini inDodana ka'Nkulunkulu, is'isindisa *bonke* abantu na? Lokupela, ukusindisa kwayo, yasindisa yonke inzalo ka'Adam; ke, nabantu abamnyama bayiyo (*number* 83). Futi, uma uKam waqalekiswa kanye nenzalo yake, maiqonde le'nzalo ukuti, isiqalekiso saqedwa uye lowo owavuma ukuqalekiswa naye: «*UKristo usikulule esiqalekisweni somteto, ngokuba yena waba ng'"oqalekisiweyo" ngenxa yetu njengaloko kubaliwe ukuti: "Osuk'elengiswe emtini akabe ng'oqalekisiweyo."*» [5])

[1]) Heb. 10,5-7. Hlab. 39,7. 3. Mos. 7,37.—[2]) Hlab. 129,7.—[3]) 1. Joh. 2,2.—[4]) 2. Kor. 5,15.—[5]) Gal. 3,13.

(Ukuba uLuther nabanye abati, *ukwona akusenani, as'one nje ngokutanda kwetu*, loku zonke izono sesihlauliwe, banamanga awesabekayo, kuyaukulunywa esahlukweni seBandhla lika'Jesu, nakwesamasakramente.)

177. UJesu wat'ehlaulela abantu, wababuyisela nexotsho elicwebisayo na?

Yebo, uJesu wat'ehlaulela abantu, wababuyisela nexotsho elicwebisayo.

Akufundwe lapa futi okuku'*numbers* 80 & 92.—Ngokuhlaulelwa, abantu basebengakitshwa emandhleni ka'satana. Kepa ukuvulelwa futi izulu, kwasweleka enye into futi, ixotsho elicwebisayo, amandhla belu okufika ezulwini. Nembala wat'uma Jesu ebahlaulela, wababuyisela nexotsho lelo. Nang' uPaulus ocw. ech'aza yonke indaba eti: . . . *indaba yexotsho* (elicwebisayo) *aifani neyesono. Ngobapela, kwati ngesono samunye lowo* (uAdam) *kufe abaningi, kakulu kangakanani bacicinyelwe abaningi umusa ka'Nkulunkulu nexotsho abalixotshiswa ngomusa wamunye umuntu uJesu uKristo! Futi, ukuba ngesono samunye kuvele ukuti, akunjalo okuvele ngexotsho. Ngobapela, ukuba kwangunywa indaba, kwatiwa, abajeze, kwaya ngamunye* (uAdam); *kepa ixotsho, ukulungisa kwalo, lalungisa lapo kwakukona izono eziningi* (ixotsho, ukulungisa kwalo, al'anelanga ukulungisa icala lika'Adam lona lodwa, lalungisa amacala abantu bonke). *Ngoba, uma ngokwona kwamunye* (uAdam) *sokwabusa ukufa ngamunye* (uAdam), *kakulu kangakanani kuyakubusa labo asebefumene umusa nexotsho nokulunga okucicimayo, babuse sebepila, bebusa ngamunye, uJesu uKristo pela! Ngako-ke, njengaloko kwati ngokwona kwamunye bonke abantu bavelelwa ukujeza, kanjalo nangokulunga kwamunye bonke abantu balungiswa, balungiselwa ukupila. . . . Kwati-ke ngokwanda kwokwona, ixotsho l'anda kakulu, kona koti, njengoba isono sabusa sekufiwe, kanjalo nexotsho libuse ngokulungisa, lilungisela ukupila kwapakade ngoJesu 'Kristo, inKosi yetu.*» *)

(Indaba yexotsho elicwebisayo, yona yonke, iyakufumaniseka esahlukweni salo.—Ukuti yilowo nalowo 'muntu angalitola kanjani, kuyakuzwakala esahlukweni seBandhla lika'Jesu nakwesamasakramente.)

178. InDodana ka'Nkulunkulu yainomteto yini wokusindisa abantu na?

Qabo, inDodana ka'Nkulunkulu yaingena'mteto wokusindisa abantu, yazitandela.

*) Rom. 5,15-18. 20-21.

Ukudala kwake, uNkulunkulu wadala ezitandela nje (*number* 69.) Aike, ukusindisa kwenDodana ka'Nkulunkulu, nako kunjalo. Nakuba nga bonke abantu babeyotshona esihogweni, kwakungayikuba nani ku'Nkulunkulu, loku engasweli 'muntu ezulwini, engasweli na'zulu nje, enenhlanhla epeleleyo ngokuz'enamela ngobuNkulunkulu bwake nje kube kupela. Kepa noko uNkulunkulu wazihaukelela abantu. 'Enziwa y'ini? 'Enziwa l'utando olungena 'mkaulo. *Utando alubonakali ngokuti yitina esatanda uNkulunkulu, lubonakala ngoba ng'uyena owasitanda kuqala, watuma inDodana yake ibe inhlaulo yezono zetu.* [1]) Wasitanda kuqala, nakona sasisey'izita kuye: *Sati sisey'izita, saxoliselwa uNkulunkulu ngokufa kwenDodana yake.* [2]) *Ngemvelo yetu sasing' abantwana abacunukelweyo . . . kepa uNkulunkulu ogewele umhau, ngenxa yotando olukulukazi asitande ngalo nalapo sasisafile ngokwona* (kwetu), *wasipilisa kanyekanye noKristo.* [3]) *Ukuwatandisisa kwake umhlaba, uNkulunkulu wanikela inDodana yake eyodwa ayizele, ukuze bonke abakolwa kuyo bangabubi, qabo, batole ukupila kwapakade.* [4])

Kungako-ke abazimeli bobuNkulunkulu, kutiwa, ba"vumelana" ngokuti, ausindiswe umhlaba. Ngaloko-ke elitanini leGama lika' Jesu kutiwa: "'uJesu, 'situnywa sesivumelano esikulu".

179. Yati inDodana ka'Nkulunkulu ivumile ukuti iyakusindisa umhlaba, yasigcina isivumelano leso na?

Yebo, njengoba inDodana ka'Nkulunkulu yaivumile ukuti iyakusindisa umhlaba, yasigcina isivumelano leso ngokumlalela uYise kwaza kwaba s'ekufeni.

"(UKristo) *wazitoba walalela kwaza kwaba s'ekufeni, ukufa belu kwas'onqamlezweni.* [5]) "*Njengoba kwati ngokungalaleli kwamunye umuntu* (uAdam) *abaningi b'enziwa izoni, kanjalo futi ngokulalela kwamunye* (uJesu) *abaningi b'enziwa izilungi.*" [6])

Ukubona ukuti uNkulunkulu usitande ngotando olungako, ngasimtanda nati, *s'enze akutandayo,* sisindise-ke ngempela imipefumulo yetu. "*Ngako-ke asimtande uNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu waqala ukusitanda* (tina singakamtandi) . . . . *Ke, ukuntanda uNkulunkulu, naku: ukugcina imiteto yake; imiteto yake-ke ailukuni, ngoba konke okuzelwe ng'uNkulunkulu kunqoba umhlaba, into-ke ewunqobayo umhlaba l'ukolo lwetu.* [7])

[1]) 1. Joh. 4, 10. [2]) Rom. 5,10. [3]) Ef. 2,3. 4-5. [4]) Joh. 3,16.—[5]) Fil. 2, 8.—[6]) Rom. 5, 19.—[7]) 1. Joh. 4, 19; 5, 3-4.

Isahlukwana sesi-5 somvumokolo:

"(Ngiyakolwa ukuti uJesu uKristo) w'ehla waya kwabapansi, ngosuku lwesitatu wabuya wavuka kwabafileyo."

180. Wati uJesu ub'afe, umpefumulo wake waya-pi na?

Wati uJesu ub'afe, umpefumulo wake waya kwabapansi.

Kus'obala ukuti umpefumulo wake wauhlangene njalo nobuNkulunkulu bwake, loku *bwonke* ubuntu bwake bumisiwe ng'ubuNkulunkulu bwake.

181. «Kwabapansi» kukona 'ndawo 'zini na?

«Kwabapansi» kukona isihogo, igceke lesihogo, isihlanzo.

ElesiGreke nelesiLatini, apatwa lapa, ati nje "kwabapansi". E! ngalawa 'mazwi kwakuqondakala endulo indawo, lapo yonke nje imipefumulo yasebafa yaya kona. Kepa seloku uJesu w'ambula indaba yakona, sokwaziwa ukuti kukona indawo yababi abalahliweyo *isihogo* (*number* 62), nokuti yaikona indawo yababefe uKristo engakawusindisi umhlaba *igceke lesihogo*, nokuti kukona indawo yabasahlanzwa amacadhlana abamuka nawo lap' emhlabeni nabasakoka inhlaulo yezono — *isihlanzo*.

182. Ukuya kwake kwabapansi, uJesu waya kuyip' indawo yakona na?

Ukuya kwake kwabapansi, uJesu waya egcekeni lesihogo.

. . . uKristo . . . ebulewe, umzimba wake kambe, epiliswe ng'umoya wake; yena, wona-ke umoya wake, wat'efikile imimoyeni eyais'etilongweni, wayibikela yona, eyati, ukwakiwa kwomArke, emihleni ka'Noe isatemba ukuti uNkulunkulu angabekezela, aingakolwanga. [1]) Kwati uNoe es'aka lowo 'mkumbi, umArke, eshumayeza abantu, babengakolwa; kodwa kutenjwa ukuti, ukufika kuka'zamcolo uqobo, basebekolwa abaningi, bapenduka, basinda-ke. Imimoya yas'etilongweni , ng'eyabantu bonke kambe abalungileyo ababefe izulu lisavaliwe, abantu bengakahlaulelwa. Wayibikela ukuti us'ebasindisile abantu, bajabulake nokujabula, bembona umSindisi wabo ebabonisa ubukosi bwobuNkulunkulu nobuntu bwake, b'ezwa ababikela kona. - Ukuti uJesu w'ehla waya kwabapansi, kuy'ezwakala nangamanye amazwi as'enCwadini ey'ingew. Naku kutiwa: (UJesu was'eNazareth) *. . . uNkulunkulu wamvusa egede ukuhlupeka kwabapansi, njengaloko kwakung'enzeke ukuba 'ahlulwe yibo* (abapansi). [2])

[1]) 1. Pet. 3, 18-20.— [2]) Enz. 2, 24.

Nang' uPetrus eti: «*UDavid, ekuluma ngaye* (uKriso), *uti: "Akuyikuvuma ukuba umpefumulo wami uhlale kwabapansi" . . . Wat'es'ebona okwakuyakwenzeka, wakuluma ngokuvuka kuka'Kristo, ukuti kashiywanga asale kwabapansi.*»[1])

Igceke lesihogo kutiwa futi y'«*isifuba sika'Abraham*»[2]) y'«*imparadiso*»[3]) Into inye eyahlupa abas'egcekeni lesihogo, ng'ukungamboni uNkulunkulu, ukungeniswa ezulwini, baza bangeniswake ng'uJesu, mhla w'enyuka waya ezulwini. — Kuyabonakala ukuti nabas'esihlanzweni b'aziswa ukuti abantu sebesindisiwe; mhlaumbe bakululwa, beyekelwa inhlaulo. — Nabas'esihogweni baqondiswa ukuti umSindisi, us'emahlulile usatana, ukona kwabapansi, . . . *ukuze ngegama lake kuguqe onke amadolo abas' ezulwini nabas'emhlabeni nabapansi.*»[4])

183. Kwati umpefumulo ka'Jesu ukwabapansi, umzimba wake waupi na?

Kwati umpefumulo ka'Jesu ukwabapansi, umzimba wake waus'elibeni.

Kwat'uma kw'ahlukane umpefumulo nomzimba ka'Jesu, ubuNkulunkulu abwahlukananga nompefumulo wake, abwahlukananga *nomzimba wake futi.* Ngani na? Ngoba, kwati ubuntu bwake *bwonke* buhlangene nobuNkulunkulu ngokulane bumiswe yibo, kus'obala ukuti, ubuNkulunkulu bwabungas'ahlukaniseki nobuntu lobo bwona *bwonke*, nakuba bwona ubuntu bw'ahlukana ngokufa. Kungako-ke uPetrus ocw. uti: «*UDavid, ekuluma ngaye* (uKristo), *uti: . . . ngako-ke inhliziyo yami itokozile nolimi lwami luy' etaba, loku naku inyama yami iyakuhlala inetemba, ngobapela auyikuvuma ukuba umpefumulo wami ushiywe usale kwabapansi, nokuba isiCwebi sako sibone ukubola . . . wati* (uDavid) *es'ebona okwayakwenzeka, wakuluma ngokuvuka kuka'Kristo, ukuti akashiywanga asale kwabapansi, nokuti ingama yake aikubonanga ukubola.*»[5]) — Umgqibelo omkulu, owepasika

184. UJesu wabuya wavuka ngosuku lwesingali [illegible]

UJesu wabuya wavuka ngosuku lwesitatu efile.

Wafa, w'embelwa ngolwesihlanu — olwokuqala.
Wahlala elibeni ngomgqibelo — olwesibili.
Wavuka ngesonto — olwesitatu.

UJesu waete ku'bafundi bake: «. . . *inDodana yomuntu . . . iyakuvuka ngosuku lwesitatu.*»[6]) *UJesu wapendula wat' kuloo: Dilizani leli'tempele* (umzimba wake), *ngobuya ngil'ake ngensuku*

[1]) Enz. 2, 25. 31.—[2]) Luk. 16, 23.—[3]) Luk. 23, 43. [4]) Fil. 2, 10. —[5]) Enz. 2, 25-27. 31.—[6]) Matth. 20, 18. 19.

ezintatu. [1]) (UJesu) *wapendula wati kubo: Isizukulwana esibi esi'zipingi zifuna isibonakaliso; ke, akuko 'sibonakaliso abayakusinikwa kunge esika'Jonas umprofete. Lokupela, njengaloko uJonas waes'esiswini senhlanzi ìmmini ezintatu nobusuku obutatu, kanjalo inDodana yomuntu iyakuba s'enhliziyweni yomhlaba ìmmini ezintatu nobusuku obutatu.* [2]) T. d. 74. (Ukubala kwamaJuda, ngomkuba wawo, abala immini nobusuku, nakuba into ey'enzeka y'enzeka ebusuku kupela, noma emmini kupela.) Kuyabonakala ukuti amaJuda ab'azisisa ukuti uJesu waezovuka ngosuku lwesitatu; kungaloku acela ku'Pilatus amandhla, aza afaka amabuto elibeni, anamatelisa nesinyatelo etsheni elaliy'isivalo salo. T. t. 79.

Nembala uJesu wavuka ngolwesitatu usuku, kwakul'isonto kambe. T. t. 80, 81.

Kuyabonakala ukuti ukuvuka kuka'Jesu y'indabakazi enkulukazi, lonke ukolo lwetu olubambelele kuyo: *Uma kungeko 'kuvuka kwabafileyo, noKristo kavukanga. Kepa, uma uKristo engavukanga, ukushumayela kwetu kul'ize, nokolo lwenu l'ize. . . . Kanti naku! uKristo uvukile kwabafileyo, ey'ingqalabuto yabafileyo.* [3])

Aike izita zika'Jesu zafuna njalo ukuti uJesu kavukanga ekufeni. *Ezas'endulo* (amaJuda) zati, kavukanga, w'ebiwa . T. t. 81. ekupeleni. Ng'ubuula: ngoba (1) wona amabuto, aelinde iliba, abikela abaprist' abakulu ukuti, uJesu kaseko elibeni. (2) Inxa uJesu eb'ebiwe, amabuto ngaetolile icala elikulu, ahlauliswe; kepa kahlauliswanga 'muntu. (3) Pezu kwokungahlauliswa atengwa, avalwa umlomo ngemali, ukuba agqibe into ekona, ati, isidumbu sika'Jesu s'ebiwe silele.[4]) Nampu-ke ubulima bwohlobo: amabuto ezoti, uJesu w'ebiwa silele; at'uma elele ubutongo, aengabona, 'azi kanjani konje ukuti abafundi bake b'eza, bameba na? *Ezangas'emihleni yetu* ziti, kavukanga, wapuma nje elibeni es'eqabukile futi, ngoba waengafile ngempela . Izita zas'endulo azizange zikutsho loku, z'azisisa ukuti waefile nokufa. Aike: (1) Kukona ofakazi ababembona uJesu efa, bembona es'efile futi; abanye bafumaniseka ku'Matth. 27, 50. naku'Mark. 15, 37. naku-'Luk. 23, 46. naku'Joh. 19, 30.; omunye, y'induna yamabuto owabuzwa ng'uPilatus ukuti, uJesu us'efile yini; abanye, ng'amabuto ab'ezakwapula imilenze ka'Jesu: *efikile ku'Jesu, at'ukubona ukuti us'efile, awaze 'apula imilenze yake* [5]) omunye l'ibuto *elavula uhlangoti lwake ngomkonto*.[6]) (2) Uma uJesu eb'engakafi nyá, waeyokufa es'egwazwa ngomkonto, lokupela

[1]) Joh. 2,9.—[2]) Matth. 12, 39-40.—[3]) 1. Kor. 15, 13-14. 20.—[4]) Matth. 28,13.—[5]) Joh. 19,33—[6]) Joh. 19,34.

inxeba elasala lalingangesandhla;[1]) futi «kwat'uba ibuto livule uhlangoti lwake ngomkonto, kwapuma masinya igazi namanzi»[4]) kwazis' ukuti waes'efile nokufa, loku naku igazi seliumantshu. (3) Njengomkuba wamaJuda isidumbu sika'Jesu safulelwa ngemiti eminingi enepunga elibukali, sasongwa ngêndwangu eziningi, kusongwa nekanda.[2]) Pela, nomuntu opilile, uma elele elibeni elivaliwe ngetshe elikulu, efulelwe, esongiwe kanjalo, angafa nokufa, uma elele kanjalo izinsuku ezintatu. Aike, nampu ubuula bwezita zika'Jesu.

Imfihlo yoku 1 yerosari lobukosi ng'eyokuti, uJesu wavuka kwabafileyo.—Elitanini leGama lika'Jesu nakweleziCwetshiswa zonke siti: Ngenxa yokuvuka kwako sisindise, 'Jesu.

185. UJesu wafakaza kanjani ukuti uvukile ngempela na?

Ukuti uvukile ngempela, uJesu wakufakaza ngokuba wabonakala kwabaningi, wakuluma, wadhla nabafundi bake, waza wakolisa noThomas.

Wabonakala (1) ku'Maria uMagdalena nakwabanye abesifazana T. t. 81. (2) ku'bafundi ababili beya eEmmaus T. t. 82 ekupeleni. (4) ku'bapostole bebonke, uThomas engeko T. t. 83. (5) kubona labo, uThomas ekona T. t. 84. (6) ku'Petrus naba'si6 T. t. 85. (7) «*Emva kwaloku wabonakala kwabapezu kwama500 abazalwane bendawonye, abanye kulabo basekona, abay'ingcozane sebafa*».[3]) T. t. 86. (8) ku'Jakob ka'Alfeus[4]) (9) ku'bapostole bebonke T. t. 86.—Kukona umlomo oti, owokuqala, uJesu owaebonakala kuye, ng'uNina.

Abapostole bavam' ukuzitsho ukuti «baofakazi bokuvuka kwake». Bakufakaza ngamaningi amazwi as'ênewadini zabo; nant' elinye: «*Siy'azi ukuti uKristo evukile ekufeni kasena'kufa futi, ukufa kungeke kusambusa. Ngobapela ukuba wafel' ukwona, wafa kwakanye kupela; kepa ukuba epila, upilela uNkulunkulu.*»[5]) Bakufakaza ngokufela ukukolwa yiko.

186. UJesu es'evukile ekufeni, useng'umuntu ong'uye na?

Yebo, uJesu es'evukile ekufeni, useng'umuntu ong'uye, kodwa ubuntu bwake sobunobukosi bwobuNkulunkulu.

Wati uJesu engakaqedeli ukusindisa abantu, engakahlatshwa pela onqamlezweni, ubuNkulunkulu bwake bwabutukuswe ngobuntu bwake. Kodwa es'eqedile lowo 'msebenzi wake, ubuNkulunkulu sobwahlaluka nas'emzimbeni.

Ukwazi ukuti uJesu uvukile ekufeni kungasiqinisa kakulu

[1]) Joh. 20,25. 27.—[2]) Matth. 27,59.—[3]) 1. Kor. 15,6.—[4]) 1. Kor. 15,7. —[5]) Rom. 6, 9-10.

ekukolweni, ikakulu ekukolweni ukuti uJesu ung'uNkulunkulu (*number* 121), kungasitembisa futi ukuti nati siyakuvuka njengaye. *UNkulunkulu wamvusa ekufeni, wamnika ubukosi, yikona ukukolwa nokutemba kwenu, niyokolwa nitembe ku'Nkulunkulu.* [1]) *Njengoba ukufa kuvele ngomuntu munye, kanjalo nokuvuka kwabafileyo kuvele ngomuntu munye.* [2]) *Ke, ukuba nivukile kanye noKristo, funani okupezulu, lapo uKristo ehlezi kwesokunene sika'Nkulunkulu, zindhlani okupezulu, ai okwas' emhlabeni.*" [3])

Isahlukwana sesi6 somvumokolo:

"(Ngiyakolwa ukuti uJesu uKristo) w'enyuka waya ezulwini, uhlezi kwesokunene sika'Nkulunkulu uYise onamandhla onke."

187. Emva kwokuvuka kwake uJesu wahlala însuku ezingaki emhlabeni na?

Emva kwokuvuka kwake uJesu wahlala însuku ezi'ma40 emhlabeni.

Ngalezi 'zinsuku ezi'ma40 uJesu (1) *waebabonisa* (abafundi bake) *ngezindhlela eziningi ukuti us'eng'opilayo emva kwokuhlutshwa kwake* [4]) (*number* 185). (2) Wabapa onke amandhla aswelekile: awokutetelela izono T. t. 83., nawokufundisa, nokushumayela ivangeli, nokubapatiza abantu bonke. T. t. 86. (3) Wanika uPetrus amandhla okwalusa îmvana nezimvu zake. T. t. 85. (4) *Wa-ebonakala kubo pakati kwênsuku ezi'ma40, ekuluma ngombuso ka'Nkulunkulu;*" [4]) waebatshela pela ukuti abombuso wake, abeBandhla lake, abab'amukelise kanjani ixotsho elicwebisayo (amasakramente), nokuti b'enze njani, ukupata amakolwa nokubusa umbuso lo, nokuti-ni nokuti-ni. (5) Wabalungisela ukwamukela uMoya ocwebileyo.

188. UJesu wat'es'enênsuku ezi'ma40 evukile, w'enza-ni na?

UJesu wat'es'enênsuku ezi'ma40 evukile, w'enyuka waya ezulwini.

T. t. 86.—Njengaloko kus'entabeni yemigwenya, lapo uJesu waqala kona *ngolwesine* ukufikelwa usizi olungati olwokuyalela ezonqanyulezwa ngolwesihlanu, njalo-ke w'esuka kona lapo *ngolwesine* w'enyuka waya ezulwini.—Waenamandhla okuzipakamisa, aziyele pezulu, (1) ngoba eng'uNkulunkulu, (2) nangoba ubuntu bwake bwasebunobukosi bwobuNkulunkulu. Umzimba womuntu os'unobukosi lobo ausena'miteto yalowo ongakabi nabo; auvi-

[1]) 1. Pet. 1,21.—[2]) 1. Kor. 15,21.—[3]) Kol. 3,1-2.—[4]) Enz. 1,3.

njelwa 'luto: uzingenela êndhlini izivalo zivaliwe (T. t. 83, 84), uzipakamela nas'emoyeni, nxa kutand' umniniwo.

Kuyabonakala ukuti, ukuya kwake ezulwini, wahambisana nababes'egcekeni lesihogo: *Ngako-ke kutiwa: "Wati 'enyukela peżulu, watumba izitunjwa, abantu wabapa amaxotsho".* [1]) Kwati izulu seliyuliwe futi, liyulelwe abantu kambe, sebekwaz' ukungena kulo kanye no Adam wèsibili .

Imfihlo yesi2 yerosari lobukosi ng'eyokuti, uJesu w'enyuka waya ezulwini.—Olwokwenyuka kwenKosi.

189. UJesu wabuyelela-ni ezulwini na?

UJesu wabuyela ezulwini, ngoba wat'es'eqedile umsebenzi wokusisindisa, kwamfanela ukubuyela ebukosini bwake.

Waete: *Umbuso wami ausiwo owalo'mhlaba.* [2]) EsAmbulweni kutiwa: *Imvana eyahlatshwa ifanelwe ukutola amandhla nobuNkulunkulu nokuhlakanipa nobuqwaga nodumo nobukosi nembabazo.* [3]) Yiko okukonjwa nas'esiHlabelelweni, la kutiwa: *Nina, 'zikulu, pakamisani iminyango yenu, pakamani nina 'minyango emiyo njalo: ingene inKosi yobukosi. Iyipi le'nKosi yobukosi na? Y'inkosi ęnobuqwaga, enamandhla, y'inKosi ey'isiqwaga ekulweni; inKosi yamaviyo, iyo ey'inKosi yobuKosi.* [4]) —Nas' esinye isisusa sokumuka kwake lap' emhlabeni, wati: *Ngiya k'ongitumileyo . . . kuhle kinina ukuba ngihambe, ngoba, uma ngingamuki, isiSizi* (uMoya oew.) *kasiyikuza kinina; kepa, uma ngimukile, ngiyakunitumela sona.* [5]) — Nas' esinye futi, wati: *Endhlini ka'Baba kukona izindawo eziningi . . . ngiyahamba ngiyonilungisela indawo. Ke, kwoti umangihambile nganilungisela, ngibuye nginitate, nginihlalise nami, ng'enzel' ukuba, la ngikona mina, nani nibe kona.* [6])

190. Ukuti «uhlezi kwesokunene sika'Nkulunkulu» kuti-ni na?

Ukuti «uhlezi kwesokunene sika'Nkulunkulu» kuti, *nomuntu uJesu* us'edhlula konke okudaliweyo, seloku watola ubukosi bwobuNkulunkulu.

UNkulunkulu eumoya wodwa kana'sandhla kodwa, njengoba sidinga amazwi, siyalinganisa nje ngokwabantu (*number* 4). Manje-ke, ebalungwini nakwezinye izizwe icala lakwesokunene yilo elihlonitshwa kakulu. Ukuhamba, ng'umkulu njalo ohamba kwesokunene sohambisana naye; ukuhlala, inkosi it'uma ihlezi esihlalweni sobukosi, ihlalise omkulu kwabanayo kwesokunene

[1]) Ef. 4,8.—[2]) Joh. 18,36.—[3]) Amb. 5,12.—[4]) Hlab. 23, 7-8. 10.—[5]) Joh. 16,5.7.—[6]) Joh. 14, 2.3.

sayo. Kunjalo-ke, la siti uJesu uhlezi kwesokunene sika'Nkulunkulu», siti, ng'uye omkulu kubo bonke abaku'Nkulunkulu. E! uJesu ey'inDodana ka'Nkulunkulu undawonye impela noYise; uJesu, eng'umuntu, loku naku eng'umuntu ong'uye, kalingene noYise, kepa umuntu uJesu umkulu kunako konke okunye okunge-'Nkulunkulu. UPaulus ocw. uti: (UNkulunkulu) *wamvusa* (uKristo) *ekufeni, wamhlalisa kwesokunene sake kwezipezulu, ngapezu kwazo zonke iziKulu neziQwaga namAndhla nemiBuso* (*number* 60) *nangapezu kwako konke noma kubizwa nga'lip' igama, kangitsho nje kulesi 'sikati, ngitsho nangakwezapambili. Konke ukubeke pansi kwênyawo zake, umenze ikanda leBandhla lonke.*»[1]) Uti futi: »*Wazitoba, waba elalela kwaza kwaba s'ekufeni, ukufa belu kwas'onqamlezweni. Kwaya-ke ngaloku ukuba uNkulunkulu wampakamisa, wamnika igama elidhlula onke amagama, ukuze ngegama lika'Jesu kuguqe onke amadolo abas'ezulwini nabas'emhlabeni nabapansi, kuvume zonke izilimi ukuti, inKosi uJesu 'Kristo ihlezi ebukosini buka'Nkulunkulu uYise.*»[2]) UJesu us'eng'umLungiseli wetu ku'Nkulunkulu eng'umPriste wetu omkulu, njengoba naku kutiwa: »*Siti-ke sesinomPrist'omkulu, owahamba wadabula amazulu, uJesu belu, inDodana ka'Nkulunkulu, masibambelele ekumvumeni. Ngobapela umprist'omkulu esinaye, akuso ongakwaz' ukuhaulwa ubutakataka bwetu, qa, sinowavivinywa kuko konke njengati, ngapandhle kwesono kodwa. Masivele-ke netemba pambi kwesihlalo somusa, yikona siyaufumana umhau, sitole nezotsho elingasisiza ngesikati esiyiso.*»[3])

Isahlukwana sesi7 somvumokolo:

"(Ngiyakolwa ukuti uJesu uKristo uhlezi kwesokunene sika-'Nkulunkulu . . .) lapo eyakuvela kona ezoteta amacala abasekona nabafileyo,"

nesahlukwana somuvo somvumokolo:

"(Ngiyakolwa ukuti kukona) ukuvuka kwenyama,"

nesahlukwana somuvo wesi2 somvumokolo:

"(Ngiyakolwa ukuti kukona) ukupila kwapakade."

191. Ng'ubani ong'umteti wamacala abantu na?
Ng'uJesu uKristo ong'umteti wamacala abantu.

[1]) Ef. 1. 20-22.—[2]) Fil. 2,8-11.—[3]) Heb. 4,14-16.

Wati: »*UBaba kateti 'cala la'muntu, wati konke ukuteta akube okwenDodana . . . uyinike amandhla okuteta amacala, ngoba iy'inDodana yomuntu.*« [1]) UPetrus ocw. wati: »(UJesu was'eNazareth) *usiyale ukuba sishumayeze abantu, sifakaze ukuti ung'uye uqobo, uNkulunkulu ate, akabe ng'umteti wamacala abasekona nasebafa.*« [2])

Kuhle kufundwe lapa futi *onumbers* 12, 17, 19, 29.

I.

Ecaleni lomuntu eyedwa.

Ukuti *isikati sokuhlala kwetu lapa emhlabeni yiso esokuvivinywa kwetu,* sesikutshilo ku'*number* 1.

192. Ukufa kuy'ini na?

Ukufa ng'ukwahlukana kwompefumulo nomzimba.

»*Utuli* (umzimba) *lubuyela emhlabatini olwalutatwa kuwo, umoya-ke ubuyele ku'Nkulunkulu owunikile* (umuntu).« [3]) Kungafundwa lapa okuku'*numbers* 82 & 87 (3). Kungaloku ukuba ngOlwesitatu lwomlota umpriste, at'uma emdweba umuntu isipambano ngomlota ogonyiweyo, ati: »Kumbula, 'muntu, ukuti ul'utuli nokuti uyaubuya ube l'utuli.«

Izinto ezine zokugcina nazi: ukufa, ukutetwa kwecala, izulu, isihogo. UMoya ocw. uti: »*Noma usuka wenza-ni, kumbula ukugcina kwako, yikona ungayikwona nanini.*« [4]) UJesu wati: »*Kepa loku, yibani nikwazi, ukuti, nxa umnumzana eb'eqonda inkati isela elizaufika ngayo, ub'eyauhlomela impela, angaze wayidedela indhlu yake ibotshozwe. Nani anoba nizilungisele, ngoba ngenkati eningayicabangi inDodana yomuntu iyaufika.*« [5]) »*Lindani nilinde, loku ning'azi, noma inkosi yenu iyaufika nga'sip' isikati na. . . . . Kepa uma lowo, eng'umuntu omubi, eyakuti enhliziyweni: "O! inkosi yami iy'epuz' ukufika," ab'es'eqala ukutshaya abanye bayona leyo'nkosi yake, adhle apuze nezidakwa—lapo-ke inkosi yalowo 'muntu iyakufika ngelanga ab'engalibekile, nangehora angal'aziyo; e! iyakumbandhlulula, imnqumele isikundhla sake ndawonye nabaz'enzisi. Lapo-ke kwoba kona ukukala înyembezi nokuququda amazinyo.*« [6])

193. Kut'ub'afe umuntu, kwenziwe-ni na?

Kut'ub'afe umuntu, kutetwe indaba yake.

»*Umuntu unqunyelwe ukufa kanye, emva kwako kube s'ecaleni.* [7])

[1]) Joh. 5,22. 27.—[2]) Enz. 10,42.—[3]) Shum. 12,7.—[4]) Sir. 7,40.—[5]) Luk. 12,39-40.—[6]) Matth. 24,42. 48-51,—[7]) Heb. 9,27.

Kulula ku'Nkulunkulu ukuholela nokuhlaulisa yilowo nalowo ngosuku afa ngalo njengakwenzileyo . . . ati ub'apele umuntu, kwambulwe akwenzileyo. [1]) Ukuti ukuvivinywa kwomuntu kuyapela ngempela ekufeni kwake, kuy'ezwakala nangendaba yesicebi nomfokazana uLazarus. T. t. 48. *E! nako-ke! umfokazana wafa, watwalwa y'ingelosi, wayiswa esifubeni sika'Abraham. Kepa-ke nesicebi safa, s'embelwa esihogweni.* [2]) Kuy'ezwakala nangakutshoyo uPaulus ocw., eti: *Impilo yami ng'uKristo, ukufa kwami y'inzuzo . . . ngiyalangazela ukuba ng'ahlukane* (umpefumulo nomzimba wami, ngife), *ngizohlala noKristo.* [3]) Uti futi: *Siy'azi ukuti, uma kudilizwa indhlu yetu yetente, esihlala kuyo siselapa emhlabeni* (umzimba wetu), *sitola ey'enziwe ng'uNkulunkulu, indhlu belu eng'enziwe ngezandhla, emiyo njalo kwezipezulu . . . s'azi ukuti, uma sisahlezi ekaya kwa'mzimba, sisahamba kude nekaya kwa'nKosi, lokupela sisakolwa nje, singakaboni ngamehlo; kepa noko simi isibindi, sitand' ukumuka ekaya kwa'mzimba, siye ekaya kwa'nKosi.* [4]) Kuy'ezwakala nangezwi lika'Stefan ocw. lokuti: *'Nkosi y'amukela umoya wami!*» [5])

194. Ukutetwa kwendaba, kutetwe indaba yani na?

Ukutetwa kwendaba, kutetwa indaba yako konke umuntu akwenzile, ngitsho nakucabangile nje enhliziyweni.

UPaulus ocw. uti: «*Tina sonke kuswelekile ukuba s'ambulwe pambi kwesihlalo somteti wamacala, uKristo, ukuze yilowo nalowo atole okumfaneleyo njengakwenzile esenomzimba, noma ng'okuhle noma ng'okubi.*» [6]) UJesu wati: *Mina-ke ngiti kinina: Yilelo nalelo'zwi leze nje abalitshoyo abantu, bayakulandiswa lona ngosuku lwecala.* [7]) UPaulus ocw. uti: «*Ningabe ninquma ('ndaba ya'muntu) kungakabi 'sikati, kuze kufike inKosi, eyona iyakukanyisa nokufihlekile ebumnyameni, yambule izibomu zezinhliziyo, kona yilowo nalowo woba nokubabazeka kwake ku'Nkulunkulu.*» [8])

195. Leli 'cala liyakutetwa ngokwazi nangomteto ka'bani na?

Leli 'cala liyakutetwa ngokwazi nangomteto ka'Nkulunkulu.

UNkulunkulu, eng'umEnzi womuntu, eng'umNini 'muntu ng'uye ommisela imiteto. Kuti-ke, uma sekutetwa icala lomuntu, litetwe ngayo. Kuyabonakala-ke ukuti, alina'kutetwa ngomteto wamaNgisi nowamaKula nowabantu nowa'zipi izizwe.

Aike, kulelo 'cala amuko omangalelayo nofakazayo; kumangalela

[1]) Sir. 11,28. 29.—[2]) Luk. 16,22.—[3]) Fil. 1,21. 23.—[4]) 2. Kor. 5,1. 6-8.—[5]) Enz. 7,58.—[6]) 2. Kor. 5,10.—[7]) Matth. 12,36.—[8]) 1. Kor. 4,5.

kufakaza ukwazi kuka'Nkulunkulu nokuz'azela kwomuntu, kube kupela. Amacebo, amanga, ukuzihlanguza, ukupika: akwenzeki konke loku, kungoba umteti wecala ng'uye «owazi konke», «*ohlolisisa inhliziyo nenso, uNkulunkulu*».[1])

196. Kut'uba kupele icala, umuntu 'enziwe-ni na?

Kut'uba kupele icala, umuntu ayiswe lapo kutsho kona umteti wecala, noma ezulwini kumbe esihlanzweni, noma esihogweni.

II.

Icala lomuntu eyedwa selitetiwe.

1.

Izulu.

Ukuti **"Izulu liy'ini na?"** kufumaniseka ku'*number* 54.

Ukuti **umuntu, njengoba eng'umuntu nje, akumfanele ukuhlala ezulwini,**

nokuti **into emenza amandhla okufika ezulwini, l'ixotsho eliewebisayo,** sekwatshiwo ku'*number* 80.

197. Ukuba s'ezulwini kutiwa kuy'ini na?

Ukuba s'ezulwini kutiwa, ng'«ukupila kwapakade», «ukutokoza kwapakade» kumbe «inhlanhla yapakade».

UJesu wati: «*Nxa utanda ukungena lapo kukona ukupila kwapakade, londa imiteto.*»[2]) Wati futi: «*Abalungileyo bazauya lapo kukona ukupila kwapakade.*»[3]) Nant' elinye liti: «*Ukupila kwapakade, naku: ng'ukuba bakwazi wena, uNkulunkulu ong' uye yedwa ong'uye, nomtumileyo uJesu uKristo.*»[4]) UIsaias wati: «*Bayakuba nokutokoza kwapakade* (kumbe: *nenhlanhla yapakade*).»[5])

198. Into enkulu, yonke enye inhlanhla yabas'ezulwini evela kuyo, iyipi na?

Into enkulu, yonke enye inhlanhla yabas'ezulwini evela kuyo, ng'ukumbona uNkulunkulu ubuso ngobuso.

Nang' uJohannes ocw. eti: «*'Bangane abakulu! sesiyibo kambe abantwana baka'Nkulunkulu, kanti akukahlaluki ukuti siyakuba yini. Siy'azi ukuti, mhla ehlalukile* (uJesu, ukufika kwake kwesibili), *siyakufana naye, loku siyakumbona, sibone loko ayiko.*»[6]) UPaulus ocw. uti: «*La sokufikile okupeleleyo, okuy'*

[1]) Hlab. 7. 10.— [2]) Matth. 19, 17.— [3]) Matth. 25, 46.— [4]) Joh. 17, 3.— [5]) Is. 61, 7.— [6]) 1. Joh. 3, 2.

inxenye uje kuyakapela . . . Manje siyabona ngesibuko ka'lufifi; lapo-ke siyakubonana (noNkulunkulu) *ubuso ngobuso. Manje ng'azi inxenye uje, lapo ukwazi kwami kwoba njengokwaziwa kwami.*» [1])

Ukumbona uNkulunkulu "ubuso ngobuso", ukubona loko belu ayiko, kuy'into edhlula nokudhlula amandhla omuntu. Naku kutiwa: . . . *inKosi yamakosi, nObusa ababusayo, ng'uye yedwa ongena'kufa nanini, owake ekukanyeni okungasondeleki, ongabonanga ebonwa 'muntu, ongebonwe 'muntu* (eumuntu nje). [2]) Kwenye indawo uPaulus oew. uti: *Ng'umupi umuntu owazi okwomumye umuntu* ('azi pela ayiko naz'azela kona) *kunge umoya walowo 'muntu opakati kuye na? Kanjalo nokuka'Nkulunkulu, kamuko okwaziyo kunge uMoya ka'Nkulunkulu.* [3]) UJohannes oew. uti: *UNkulunkulu, kamuko oke wambona; inDodana eyodwa ayizeleyo, es'esifubeni sika'Yise, iyo esitshelile.*» [4])

Okus'enza amandhla okuba sike simbone uNkulunkulu, sibone ayiko, kuyileyo'nto e'luhlobo lwobuNkulunkulu, okutiwa l'ixotsho eliewebisayo. Yilo-ke eliy'isisekelo saleso 'simangalisokazi esikulukazi sokumbona uNkulunkulu uqobo, mhlazana kwenzeka akutshilo umprofete, eti: *Sot 'uma sikanyiswe ng'ukukanya kwako, sibone ukukanya* (simbone uNkulunkulu pela).» [5])

199. Inhlanhla evela ekumboneni uNkulunkulu iyipi na?

Inhlanhla evela ekumboneni uNkulunkulu ng'ukungahlupeki nakanci, ng'ukwenama okupeleie nyá, ng'ukwazi ukuti akusayikupela nanini.

(UNkulunkulu) *ugakwaka ndawonye nabo, bona babe abantu bake, uNkulunkulu uqobo abe nabo, ng'owabo uNkulunkulu; ke, ugakusula zonke inyembezi emehlweni abo, kungabe kusaba kona ukufa nokulila nokukala nobuhlungu, yingoba sokudhlulile okwakuqala.*» [6]) *Bayandakwa indakandaka yakwako, ubapuzise emfuleni wêntokoziso zako.*» [7]) *Abalungileyo bayakupila ngokupila kwapakade. . . . Bayakutola umbuso wobukosi nomqele wobuhle esandhleni senKosi.*» [8]) Y'inhlanhla yapakade: inhlanhla engabuya ipele akuso "epeleleyo"; futi, kus'obala ukuti, os'embona uNkulunkulu uhlangene ne naye, angabe es'ahlukana naye nanini. Aike, siselapa emhlabeni, siy'ahluleka ukwazi ukuti inhlanhla yas'ezulwini ingakanani, njengoba naku kutiwa: *Akuko'so elake lakubona, akuko 'ndhlebe eyake yakuzwa, akuko 'nhliziyo eyake yangenwa yiloko, uNkulunkulu abalungisele kona*

[1]) 1. Kor. 13, 10. 12.— [2]) 1. Tim. 6, 15-16.— [3]) 1. Kor. 2, 11.— [4]) Joh. 1, 18.— [5]) Hlab. 35,10.— [6]) Amb. 21, 3-4.— [7]) Hlab. 35,9.— [8]) Hlak. 5,16.17.

abamtandayo. [1]) UJesu wati: *Tokozani, n'esase, ngoba iholo lenu likulu ezulwini.*» [2])

200. Bonke abas'ezulwini banenhlanhha epeleleyo, eyomunye ifana neyomunye na?

Qabo, nakona bonke abas'ezulwini benenhlanhla epeleleyo, eyomunye aifani neyomunye, ngoba iholo lilingene nomsebenzi.

«*Ohlwayela okuncane, uyauvuna okuncane; ohlwayela okuningi, uyauvuna okuningi.*» [3]) *Yilowo nalowo uyautola iholo elimfanele njengomsebenzi awenzileyo.* [4]) Naku kucazwa ng'ul'aulus oew. ngesilinganiso sokuti: «*Ukukanya kwelanya kukodwa, ukukanya kwenyanya kukodwa, ukukanya kwênkanyezi kukodwa. lokupela okus'emkatini kwahlukene ngokukanya.*» [5])

2.

Isihlanzo.

201. Imipefumulo enexotsho elicwebisayo, isenezono ezincane, is'ingangena ezulwini na?

Qabo, imipefumulo enexotsho elicwebisayo, isenezono ezincane, aikakwaz' ukungena ezulwini.

«*Akuna'kungena kona* (ezulwini) *'luto olunesitshitshi.*» [6]) Pela, wonk' umuntu angazibonela ukuti okusangeolile, noma kancane nje, kungengene endhlini ka'Nkulunkulu, kuzohlangana ne noy'isiCwebi eziewebini.

202. Imipefumulo enexotsho elicwebisayo, isenezono ezincane, ingatshona esihogweni yini na?

Qabo, imipefumulo enexotsho elicwebisayo, isenezono ezincane, ingetshone esihogweni.

Onexotsho elicwebisayo unalo ngoba ezelwe ng'uNkulunkulu; [7]) at'uma ezelwe ng'uNkulunkulu, abe umntwana wake; eng'umntwana uy'indhlalifa, adhle ifa lika'Nkulunkulu, [8]) ifa belu las'ezulwini. (Le'ndaba iyauzwakala ngapambili, esahlukweni sexotsho elicwebisayo.)

203. Imipefumulo enexotsho elicwebisayo, isenezono ezincana, iya ngapi-ke na?

Imipefumulo enexotsho elicwebisayo, isenezono ezincane, iya esihlanzweni, iyohlanzwa kona.

[1]) 1. Kor. 2, 9.— [2]) Matth. 5, 12.— [3]) 2. Kor. 9,6.— [4]) 1. Kor. 3,8.— [5]) 1. Kor. 15, 41-42.— [6]) Amb. 21,27.— [7]) Joh. 3,8. — [8]) Rom. 8,17.

204. S'azi ngani ukuti isihlanzo siy'into ekona na?

Ukuti isihlanzo siy'into ekona, siyakwazi ngenCwadi ey'ingcwele nangemfundiso enikezelweyo.

ETestamenteni elidala kutiwa: *Wati* (uJudas) *ebutile imali, watuma inkulungwane ezil'i12 zaodrakme,* [1]) *imali emhlope, eJerusalem, ukuba abafileyo babongelwe . . . ebona ukuti ababelungile, ukumuka kwabo, bamelwe ukutola iholo elihle. Ngako-ke ukukulekela abafileyo ukuba batukululwe izono zabo, kung'umcabango oy'ingcwele osizayo.* [2]) E! nant' izwi las'enCwadini ey'ingcw., linengqondo, uma isihlanzo sikona; alinayo, uma singeko. Aike, uLuther (owaete kuqala kuswelekile ukuba "bakolwe nokukolwa" ukuti isihlanzo sikona , waza walibulala leli'zwi lake emva kweminyaka el'i10) noKalvin nabanjengabo babona nabo ukuti, lelo'zwi las'encwadini yaoMakkabi ling'ufakazi osimeme wesihlanzo; kanti, bati sebefuna ukuti, isihlanzo asiko, basebeti, o! leyo 'ncwadi yaoMakkabi aisiyo incwadi ey'ingcwele. Pela, le'ndaba ifana neyemisebenzi emihle. ETestamenteni elitsha uJakob ocw. uyakuluma kakulu ngokuti iswelekile. Ke, la uLuther waqala ukufundisa ukuti ng'*ukukolwa kodwa* okusindisayo ngapandhle kwemisebenzi emihle, waes'eti: O! incwadi ka'Jakob aisiyo incwadi ey'ingcwele. Aike, kwaba lula!

Ukuti siyakwazi nangemfundiso enikezelweyo, kufumaniseka esahlukweni *sokuhlangana kwabacwebileyo.*

205. Imipefumulo enexotsho elicwebisayo, engaqedanga inhlaulo yonke emhlabeni, iya ngapi na?

Imipefumulo enexotsho elicwebisayo, engaqedanga inhlaulo yonke emhlabeni, nayo iyaya esihlanzweni.

. . . *funa umteti wecala akunikele epoyiseni, ufakwe etilongweni. Ngiqinisile ngiti kuwe, auyikupuma kona, uze ukoke nendibilitshana yokugcina.* [3]) Leli "'tilongo" alisiso isihogo, loku kungapumeki esihogweni, l'itilongo okupumeka kulo, y'isihlanzo belu. Umpefumulo onjalo uyekelwe inhlaulo yas'esihogweni, loku unexotsho elicwebisayo. Kodwa aukwaz' ukungena ezulwini, ngoba kusekona inhlaulo etize etand' ukukokwa. Le'ndaba iyauzwakala esahlukweni sezono.

206. Esihlanzweni kuhlanzwa, kuhlaulwa kanjani na?

Esihlanzweni kuyahlanzwa, kuyahlaulwa ngokuvinjelwa ukumbona uNkulunkulu nangezinye izinhlupo.

Imvama yabaFundisi abacwebileyo bati, kuyahlaulwa kalukuni esihlanzweni; futi, nakuba iBandhla eliy'ingcw. linganqumanga,

[1]) udrakme kungati 9d.—[2]) 2. Makk. 12,43. 45-46.—[3]) Matth. 5,25-26.

kuyatenjwa ukuti olukulu uhlupo lwakona ng'umlilo; kuy'ezwakala belu ukuti ubuhlungu bwakona budhlula kakulu obwalapa. Nang' uPaulus ocw. eti: *Amuko ong'aka esinye isisekelo singeyileso eses'akiwe, esing'uKristo uJesu. Ke, uma umuntu, ukwaka kwake pezu kwalesi 'sisekelo, efaka igolide nesiliva namatshe angabile nopico notshani nomhlanga, umsebenzi wayilowo nalowo uyaubonakala; ngobapela usuku lwenKosi* (olwecala) *luyauwubonakalisa, njengoba luhlaluka ngomlilo, yikona-ke umlilo uyakuvivinya umsebenzi wayilowo nalowo, kubonakale-ke ukuti unjani nje. Kwoti uma loko akwakileyo umuntu pezu kwaso* (isisekelo) *kumi, uyakuholelwa. Uma akwenzileyo umuntu kutsha, uyaudhleka, kepa yena, umumo wake, asindiswe, kanti asindiswe kungati ngomlilo.* [1])

Ukwazi indaba yesihlanzo kungasiquba ukuba sixwaye nezono ezingcono, nokuba sizame ukukoka inhlaulo yezono zetu sises' emhlabeni.—Ukukoka nokukokelwa inhlaulo yezono kufumaniseka esahlukweni sezono, nakwesesakramente lempenduko, nakwesesiyekelo.

3.

Isihogo.

Ukuti **Isihogo siy'ini na?** kufumaniseka ku'*number* 62.

207. Y'imipefumulo enjani etshona esihogweni na?

Imipefumulo engena'xotsho elicwebisayo ngoba inesono esibubisayo, yiyo etshona esihogweni.

Ukuti isono esibubisayo siy'ini, kuyaukulunywa esahlukweni saso. Kutiwa-ke engena'xotsho elicwebisayo ngoba inesono esibubisayo, loku kukona izingane ezifayo zingena'xotsho elicwebisayo, zingaz'enzelanga 'sono. (Okwazo kufumaniseka esahlukweni sombapatizo).

208. Ukuba s'esihogweni kutiwa kuy'ini na?

Ukuba s'esihogweni kutiwa ng'«ukufa kwapakade», «ukufa kwesibili», «ukuhlupeka kwapakade».

«*Abang'amagwala nabangakoliwe nab'onakele nababulalayo nezipingi nabatakati nezangoma nabakonz' izitombe* (amadhlozi) *nabo bonke abanamanga, indawo yabo y'isiziba esivuta umlilo nesibabule. Loku ng'ukufa kwesibili.* [2]) *Indawo yokuhlutshwa.*» [3]) «*Laba* (abangalungile) *bazauya lapo kukona ukuhlupeka kwapakade, kepa abalungileyo bazauya lapo kukona ukupila kwapakade.*» [4])

[1]) 1. Kor. 3,11-15.—[2]) Amb. 21,8.—[3]) Luk. 16,28. [4]) Matth. 25,46.

209. Esihogweni kuhlaulwa ngani na?

Esihogweni kuyahlaulwa ngokuhlupeka okupeleleyo.

Naz' ezinye nje izinhlupo zakona:

(1) UJesu wati: «*Kungcono ukuba ungene lapo kukona ukupila (kwapakade) ug'ingini, kunokuba uti unezandhla zombili uye esihogweni, emlilweni ongacimekiyo, lapo impetu ebadhlayo ingafi nomlilo ungacimeki kona.*» [1]) «*Ng'umupi kinina ong'aka emlilweni odhlayo na? ng'umupi kinina ong'aka lapo kuyiloku kute kihli kona na?*» [2]) Bala, ng'ukufa kwapakade! (2) «*Bayakuponswa ebumnyameni obungapandhle, lapo-ke kwoba kona ukukala nokuququda amazinyo.*» [3]) (3) Ng'umlilo «ongacimekiyo». «*Umusi wokuhlutshwa kwabo uyakwenyuka izikati ngezikati.*» [4]) Ng'ukuhlupeka okungena'kupela nanini. Nembala, bekungayikuba ukuhlupeka *okupeleleyo*, uma bekupela, njengoba nenhlanhla yas'ezulwini ib'ingayikuba epeleleyo, uma ib'ipela. (4) Akuseko-ke 'temba kwabas'esihogweni—into elungel' ukumqeda umuntu ingqondo. (5) Abas'esihogweni bayiloku bezisola, beziqalekisa ngokuba batshona ngelabo icala, bez'azela ukuti ngabehlezi ezulwini njengabanye, lokupela amandhla aekona. (6) Abahlalisana nabo esihogweni ng'usatana, namademone, nabanye abantu abanjengabo, kungeko 'kutandana kubo, ng'ukuzondana nokuhlupana kodwa.

Kuyabonakala ukuti, siselapa emhlabeni siy'ahluleka ukwazi ukuti usizi lwas'esihogweni lungakanani. Nalapa singati: Akuko-'so elake lakubona, akuko 'ndhlebe eyake yakuzwa, akuko 'nhliziyo eyake yangenwa yiloko, uNkulunkulu abalungisele kona abangamtandiyo.

210. Bonke abas'esihogweni benosizi olupeleleyo, olwomunye lufana nolwomunye na?

Qabo, nakona bonke abas'esihogweni benosizi olupeleleyo, olwomunye alufani nolwomunye, ngoba inhlaulo ilingene necala.

211. Kwenziwa y'ini ukuba ukuhlaula kwas'esihogweni kube njalo na?

Kwenziwa ngoba, njengaloko umusa ka'Nkulunkulu ungena'mkaulo, kanjalo nenzondo yake yokubi ainawo.

Ukuvumelana kwomusa ongakauki 'ndawo, uNkulunkulu anawo. nenzondo yokubi engakauki 'ndawo anayo, kuy'imfihlo enkulu kambe ey'ahlula ingqondo yetu. Esikuqondayo yiloku nje:

[1]) Mark. 9,42-43.—[2]) Is. 33,14.—[3]) Matth. 8,12.—[4]) Amb. 14,11.

Abasavivinywa lapa emhlabeni, uyabapata ngomusa lowo ongakauki 'ndawo. Kuti-ke uma ukuvivinywa kwabo kupelile, kungabe kusaba 'ndaba ya'musa, kube eyotando lwokuhle olungakauki 'ndawo neyenzondo yokubi engakauki 'ndawo yona yodwa. Akasoleki uNkulunkulu, lokupela (1) wamnika umuntu *amandhla okuz'enzela,* engatandi ukupoqa 'muntu; nans' into enkulu, enhle kakulu, eyesabeka futi kambe kakulu; (2) wamnqumela umuntu *isikati sokuvivinywa, nesokuholelwa;* (3) wamnika *amandhla,* yikona eyakwazi *ukumtanda uNkulunkulu, uma etanda* (isahluko sexotsho elicwebisayo nelisizayo); (4) wamazisa umuntu ukuti *ukungamtandi uNkulunkulu,* ukuhlubuka kuye, *kuy'ingozi* eyesabekayo.

Naz' ezinye izisusa zokuba esihogweni kuhlaulwe ngokuhlupeka okupeleleyo okungena'kupela: (1) »*Umuti, ukuwa kwawo, uma uwele ngas'eningizimu noma ngas'enyakato, lapo uwele kona, kulapo la uzoba kona.*« [1]) Ukwona okububisayo, umumo wako, ng'ukuhlubuka ku'Nkulunkulu, ng'ukwahlukana naye. Manjeke, uma, ukupela kwesikati sokuvivinywa, ukufa kumfumana umuntu ehlubukile ku'Nkulunkulu, 'ahlukene naye, uzauqabuka ezweni lapambili ehlubukile kuye, 'ahlukene naye. E! isikati sokuvivinywa sipelile, kupelile nesikati sokuxotshiswa ixotsho elicwebisayo namaxotsho asizayo. Po-ke, umuntu engakwaz' ukuzixotshisa ixotsho elicwebisayo (*number* 80), uNkulunkulu engasamxotshisi lona, kuyabonakala ukuti uy'ahluleka ukubuyela ku'Nkulunkulu nokuxolelana naye; ehlubukile, wob'es'ehlubukile nanini; 'ahlukene naye, wob'es'ahlukene naye nanini. (2) Sesatsho ku'*number* 91 ukuti ukuhlaula icala lomuntu ku'Nkulunkulu, ukulihlaula *ngokulingeneyo,* umuntu oumuntu nje uy'ahluleka; ong'ahluleki ng'umhlauli ong'umuntu, ong'uNkulunkulu futi; aike, notshona esihogweni wahlaulelwa yilowo'mHlauli; kepa pezu kwokuhlaulelwa kwake wabuya wahlubuka ku'Nkulunkulu. Ke, es'epelelwe isikati sokuvivinywa, kasena'kutola umHlauli onjalo futi: »*Njengoba* (uKristo) *wafela ukwona, wafa kwakanye kupela.*« [2]) Futi, ong'ahluleki ukuhlaula ngokulingeneyo, kungaba ng'umuntu onexotsho elicwebisayo, loku liy'into e'luhlobo lwobuNkulunkulu. Kepa leyo'nto kanayo, futi kasayikuba nayo nanini. Kungako-ke us'ezauzihlaulela nje, ukuhlaula kwake kungabe kusapela ngani na? Ngoba eumuntu njena, engesiye uNkulunkulu, engena-'mandhla ka'Nkulunkulu anjengexotsho elicwebisayo. Ukuzihlaulela kwake eumuntu nje akusiko okulingeneyo, noma eyakuhlaula nanini nanini; ngako-ke ng'ukuhlaula okungasena'kupela. (3) Njengoba ot'efa waelungile, us'amukiwe amandhla okutanda okubi,

[1]) Shum. 11, 3. [2]) Rom. 6,10.

asale es'eba namandhla okuziketela pakati kwokuhle nokuhle, kube kupela, kanjalo not'efa waemubi, us'amukiwe amandhla okutanda okuhle, asale es'eba namandhla okuziketela pakati kwokubi nokubi, kube kupela.

212. Abatshona esihogweni, ng'uNkulunkulu yini obadalele ukutshoniswa kona na?

Qabo, uNkulunkulu kadaleli 'muntu ukutshoniswa esihogweni, yena utand' ukuba bonke abantu basinde.

Nant' izwi loMoya ocw., njengoba l'ezwakala ngomlomo ka-'Petrus ocw., eti: (UNkulunkulu) *akafuni ukuba kubube abanye, ufun' ukuba bonke bapenduke.*» [1]) Nant' elinye, el'ezwakala ngoka'Paulus ocw., eti: «*UNkulunkulu . . . uyafuna ukuba bonke abantu baye'kusinda, b'azi isiminya; ngobapela munye uNkulunkulu, munye futi umLungiseli os'emkatini wabantu noNkulunkulu, umuntu belu uJesu uKristo, owaz'etula abe y'inhlaulo yabo bonke.*» [2])

Sesakomba ku'*number* 95 imfundiso ka'Kalvin neyabanye yokuti, abanye uNkulunkulu ubadalele ukutshona esihogweni, batshone noma belunga kanjani; abanye ubadalele ukufika ezulwini basinde noma bex[h]walile kanjani. Pela, wonk' umuntu osileyo, uma es'eqonde nje indaba ka'Nkulunkulu, angazibonela nangeyake ingqondo nje ukuti, le'mfundiso ing'amanga awesabekayo, ajivaza uNkulunkulu. Qabo, into ekona, nansi: *Akuhlwayele umuntu, yiko ayakukuvuna* [3]), utsho njalo uMoya ocw. ngomlomo ka'Paulus ocw.

Njengoba indaba yesihogo yesabeka nokwesabeka, sing'enza akutshoyo uPaulus ocw., eti: «*Sebenzelani ukusinda kwenu, n'esaba, nitutumela!* [4]) Kodwa ukupel' itemba, singapeli itemba nakanye, sibe nentando enhle, eqinile yokwenza akutandayo uNkulunkulu. «*Emhlabeni uxolo alube ku'bantu abanentando enhle.* [5])—Singatandaza yonk' imihla siti: Ukufa, ngiyakufa; kodwa kang'azi noma ngiyakufa nini, noma kanjani, noma ngiyaufela-pi. Y'into inye engiy'aziyo: uma, ukufa kwami, nginesono esibubisayo, ngobuba ngingaze ngasinda nanini. 'Maria ocwebileyo, 'Nina ka'Nkulunkulu, maungikulekele kaloku nas'esikatini sokufa kwami. Amen.»

[1]) 2. Pet. 3,9.—[2]) 1. Tim. 2,4-6.—[3]) Gal. 6,8.—[4]) Fil. 2,12.—[5]) Luk. 2,14.

III.

Ecaleni labantu bebonke.

1.

Ukufika kuka'Kristo ngosuku lwokugcina.

213. Njengoba uKristo wafika emhlabeni ezosindisa abantu, uyaubuya afike yini emhlabeni na?

Yebo, njengoba uKristo wafika emhlabeni ezosindisa abantu, uyaubuya afike emhlabeni ezoteta amacala abantu bebonke.

Okunye kutiwa ng'«ukufika kwake kwokuqala, okunye ng' «ukufika kwake kwesibili».

Encwadini yokwEnza kwabApostole kutiwa, la uJesu w'enyuka waya ezulwini, abafundi bake *bati . . . besambeka emuka, nanko-ke amadoda amabili* (izingelosi) *'emi ngakubona, 'embete izingubo ezimhlope, futi ekuluma eti: 'Madoda as'eGalileya, nimele-ni nibeke ezulwini? UJesu lo owenyuselwe ezulwini esuswa kinina, uyakuza kanjalo njengaloku nimbone eya ezulwini.*» [1]) UJesu waes'ekutshilo kaningi nje; wat'uma epambi kuka'Kaifas, wabuya watsho, wati: *Kepa ngiti kinina, emva kwaloku niyakubona inDodana yomuntu ihlezi kwesokunene samandhla ka'Nkulunkulu iza ngamafu ezulu.*» [2])

214. Ukufika kwake kwesibili, uyakufika nini na?

Ukufika kwake kwesibili, uyakufika ngosuku lwokugcina.

UJesu, wat' uma ekuluma ngosuku lwokugcina, wati: «*Usuku lolo, nokuti kuyakuba nga'sikati sini ngalo, akwaziwa 'muntu, naizingelosi zas'ezulwini, nainDodana; ng'uBaba yedwa okwaziyo.* [3]) Pela, *uNkulunkulu uJesu*, ey'inDodana ka'Nkulunkulu, wazi konke okwaziwa uYise. *Ng'umuntu uJesu*, oti ngobuntu bwake bwona ngokwabo, angakwazi. Nganxanye *umuntu uJesu* wazi kambe okwaziwa *uNkulunkulu uJesu*. Kodwa ez'azela indaba yokuti usuku lwokugcina lunini, akay'azi ngoba engay' azeli 'muntu.

Noko-ke kukona okuyakwazisa ukuti usuku lwokugcina solus' eduze:

(1) UJesu wati: *Leli 'vangeli lombuso* (wezulu) *liyakushunyayelwa emhlabeni wonke, lifakazele izizwe zonke, besokuba ukugcina.*» [4]) Kutiwa, liyakushunyayelwa emhlabeni wonke; akutiwa, umhlaba wonke uyakulivuma.

[1]) Enz. 1,10-11.—[2]) Matth. 26, 64.—[3]) Mark. 13,32.—[4]) Matth. 24,14.

(2) Kuyakubuya kufike uHenok noElias abangakafi, usuku lwokugcina solus'eduze. Ukubuyela kuka'Henok kwaziwa nganxanye ngomlomo nje; uyakusebenzela kakulu abezizwe (amaqaba). Ukubuyela kuka'Elias, naku kutiwa: *Bekani, ngiyakunitumela uElias, umprofete, kungakafiki usuku lwenKosi olukulu, olwesabekayo ;*[1]) uyakusebenzela kakulu amaJuda *avuselele 'butsha izizwe zakwa'Israel .*[2]) Ukubuyela kwabo bobabili, naku kutiwa: *Ofakazi bami ababili ngiyakubapa* (amandhla), *bazobikezela izinsuku eziyi1260, b'embete ingubo zokuzila. . . . Nalapo boba begedile ukufakaza kwabo, isilo es'enyuka sivel' olontweni siyakulwa nabo, sib'ahlule, sibabulale. . . . Kwoti ukupela kwênsuku ezintatu nenxenye yolwesine, umoya wokupilisa uvele ku'Nkulunkulu, ubangene. . . . Baseb'ezwa izwi elikulu livel' ezulwini elati kubo: "Y'enyukani nize lapa!" Baseb'enyuka ngefu baya ezulwini, izita zabo zibabona. Ngaleyo 'nkati-ke kwavela ukuzamazama okukulu kwomhlaba.* [3])

(3) Kuyakufika uAntikristo, usuku lwokugcina lungakabiko. ElesiGreke leli lokuti u Antikristo» liqondisa okubili: (a) ukuti yena uyauti ung'uKristo, engesiye, (b) ukuti upambene noKristo ong'uye, uy'isita sake.—UJohannes ocw. wati: *Njengoba nizwile ukuti uAntikristo lowo uyafika, kanjalo namanje nje sokukona oantikristo abaningi,* [4]) ekomba abafundisa amanga apambene nemfundiso ka'Kristo. Kwati amakolwa as'eThessalonike etemba ukuti usuku lwokugcina solus'eduze ngempela, uPaulus ocw. wababalela wati: *Siyanincenga, 'bazalwane, ngenxa yokufika kwenKosi yetu uJesu 'Kristo nangenxa yokubutelwa kwetu kuyo, ukuba ningadidwa konakonamanje, nibe novalo . . . kungatiti soluhlalukile usuku lwenKosi. Maningapanjwa 'muntu nakanjani, inganti, kwoti kungakafiki kuqala ukuhlubuka loko, futi kungakahlaluki umuntu lowo wokwona, umntwana lowo wokububa nokububisa, isita leso, esizipakamisa pezu kwako konke okutiwa ng'unkulunkulu noma into efanele ukukulekelwa, size sihlale etempeleni lika'Nkulunkulu, siti, sing'uNkulunkulu. Anikumbuli yini ukuti, ngati ngisahlezi nani, nganitshela loku na? E! seniyaqonda-ke loko okuvimbela ukuhlaluka kwake ngesikati sake. Ngobapela imfihlo yalowo «ongena'mteto» is'iyasebenza nakaloku nje, into kodwa «ovimbelayo kaloku usavimbele, aze asuswe lowo. And'uba-ke kuhlaluke «ongena'mteto», inKosi yetu, uJesu uKristo, eyakumcita ngokupepeta nje kwomlomo wayo, imqede ngokuhlaluka kwokufika kwayo,—imqede lowo oyakufika ngokwenza kuka-*

[1]) Mal. 4,5.—[2]) Sir. 48,10.—[3]) Amb. 11, 3. 7. 11-13.—[4]) 1. Joh. 2,18.

'satana, afike namandhla amakulu nje nezimangaliso nezibonakaliso zamanga namacebo onke nje obubi, afikele labo, abayakububa ngokubane bengavumanga ukutanda isiminya basinde. Ukubatumela kwake amandhla okukohlisa, uNkulunkulu uyakwenzela ukuba bakolwe amanga, yikona icala liyakulahla bonke abangakolwanga isiminya, b'enamele ububi.'[1]) Kuy'ezwakala-ke ukuti uAntikristo lowo uyakuba ng'umuntu.—UKristo uqobo wabikezela ukuti kuyaufika uKristo ongeng'uye, wati: *«Bala, ukuba lezo 'zinsuku* (zokugcina) *zingafinyezwanga, yonke inyama ib'ingayikusinda; kepa ngenxa yabaketiweyo ziyakufinyezwa izinsuku lezo. Lapo-ke, nxa kusuk' umuntu eti kinina: «Nang' uKristo lapa!», noma «Nanguyá!», ningabokolwa.»*[2])

215. Uma uJesu es'ezaufika, kwoti-ni emkatini na?

Uma uJesu es'ezaufika, «ilanga liyakufipazwa, inyanga ingabe isaveza ukukanya, izinkanyezi ziwe ezulwini, amandhla ezulu anyakaziswe nokunyakaziswa.»[3])

216. Emhlabeni kwenze njani na?

«Emhlabeni kube nokucindezelwa kwezizwe zididwa ukuduma kwolwandhle namadhlambi, abantu b'omele pezulu ngovalo nangokuqolozela okuzakwehlela umhlaba.»[4])

Ukububa, umhlaba uyakububa kambe; kutiwa « . . . (Kokubili) *izulu nomhlaba okukona manje . . . kukwezelwe* (ukudhliwa) *umlilo ngosuku lwecala, olwokububa kwabantu ababi . . . Kepa usuku lwenKosi luyakufika . . . ngalo-ke izulu liyakudhlula nomsindo omkulukazi, izitako ziyakwahlukaniswa ngokutshisa, kutshiswe umhlaba nokwakwenziwe kuwo»*,[5]) kodwa auyikububa nyá, *uyakudhlula* nje. Naku kutsho Jesu, eti: *«Izulu nomhlaba kuyakudhlula . . .»*;[6]) noPaulus ocw. uti: *. . . . ngoba isimo somhlaba siyadhlula.*[7]) Ke, ukudhlula kwawo, uzauguqulwa, ube mutsha. Naku kutiwa: *«Elitsha izulu nomutsha umhlaba, okuyakuhlala kuwo ukulunga, yiko esikubekile njengezitembiso zake.*[8]) Naleli'zwi lika'Petrus ocw. kuvumelene owaekuboniswa uJohannes ocw. ngombono, njengoba eti: *«Ngabona izulu elitsha nomhlaba omutsha»*,[9]) ab'eseti, kuzauhlala kuwo abantu bas'ezulwini, nabo sebeguqulwe isimo sabo, sebenobukosi bwas'ezulwini.[10])

[1]) 2. Thess. 2,1-11.—[2]) Matth. 24,22-23.—[3]) Matth. 24,29.—[4]) Luk. 21, 25-26.—[5]) 2. Pet. 3,7.10.—[6]) Mark. 13,31.—[7]) 1. Kor. 7,31.—[8]) 2. Pet. 3,13. —[9]) Amb. 21,1.—[10]) Amb. 21.

217. Besokuqamuka isibonakaliso sika'bani na?

Beso«kuqamuka isibonakaliso senDodana yomuntu ezulwini.»[1])

Isibonakaliso sika'Kristo y'isipambano.

218. Besokuza 'bani na?

«Besokuza inDodana yomuntu iza namandhla amakulu nobukosi ngamafu ezulu.»[1])

219. Izingelosi zibe sez'enza-ni na?

Izingelosi zibe sezitshaya amaxilongo zibize bonke abafileyo.

«(InDodana yomuntu) *iyakutuma-ke izingelosi zayo zinexilongo elimpempeza ngamandhla, ziyobuta iziketwa zayo emimoyeni yomine, kutatele lé emkaulweni wezulu kuze kube s'ekugcineni kwalo.*»[2])

2.

Ukuvuka kwenyama.

220. Kwoti uma sokuyiloko, bonke abafileyo b'enze-ni na?

Kwoti uma sokuyiloko, bonke abafileyo bavuke ekufeni.

221. Ukuti abafileyo bonke bayakuvuka futi, sikwazi ngani na?

Ukuti abafileyo bonke bayakuvuka futi, siyakwazi ngakutshilo uJesu nangamaningi amazwi as'eTestamenteni elidala nelitsha.

«*Kuy'eza isikati, bonke abas'emalibeni abayakuzwa ngaso izwi lenDodana ka'Nkulunkulu. Bayakupuma-ke ab'enza okuhle, bapumele ukuvukela ukupila; labo-ke ab'enza okubi, bapumele ukuvukela ukulahlwa.*[3]) *Nolwandhle lwakipa abafileyo ababekulo, nokufa nombuso wakwabapansi wakipa abafileyo abakuwo.*»[4]) *Bayakupila abantu bako abafileyo, izidumbu zabakwiti ziyakuvuka.*»[5]) T. d. 100. – AmaJuda atize ab'el'ibandhlana ngokwawo, kwatiwa ng'amaSaduki; ati-ke epika ukuvuka kwabafileyo, ake avela ku'Jesu, ati, umfazi otize wat'efelwe indoda yake, wangenwa njengomteto ka'Moses ng'abafo wabo aba'si6, wafelwa yibo bonke omunye emva kwomunye, waza wafa naye umfazi. Ab'es'eti amaSaduki: «*Ekuvukeni* (kwabafileyo) *uyakuba umfazi wa'mupi kwabay'inkota labo na, njengaloko waeng'umfazi kubo bonke na? UJesu wapendula wati kubo:*

[1]) Matth. 24,30.—[2]) Matth. 24, 31.—[3]) Joh. 5, 28-29.—[4]) Amb. 20, 13.—[5]) Is. 26, 19.

"Nipambekile nina ening'az' imiBalo, ning'azi namandhla ka-'Nkulunkulu. Ngobapela ekuvukeni abayikugana abayikuganwa, bayakuba njengezingelosi zika'Nkulunkulu ezulwini. Ke, ukuvuka kwabafileyo — anifundanga yini okutshiwo ngoNkulunkulu, eti kinina: Nging'uNkulunkulu ka'Abraham, nging'uNkulunkulu ka'Isaak, nging'uNkulunkulu ka'Jakob? po-ke, kasiye uNkulunkulu wabangeko, ng'owabakona." [1])— Ezincwadini zabApostole agcwele amazwi afakaza ukuvuka kwabafileyo.

222. Abafileyo bayakuvuka nawona lowo 'mzimba ababenawo belapa emhlabeni na?

Yebo, abafileyo bayakuvuka nawona lowo 'mzimba ababenawo belapa emhlabeni.

Nang' uJob, eti: *Ngiy'azi pela ukuba umSindisi wami ukona, aokuti ngosuku lwokugcina ngiyakuvuka otulini, ngibuye ngimbozwe isikumba sami, ngibone uNkulunkulu ngis'enyameni yami. Yena-ke, ngiyombona, ngimbone mina uqobo, wona amehlo ami ayakumbona, ai ommye* (ongesiyo uJob). [2]) UPaulus ocw. uti: *«Bekani, nginitshela imfihlo, ngiti: Sonke siyakuvuka kambe, kanti asiyikuguqulwa sonke* (esinye isimo, esobukosi bwas'ezulwini pela). *Kwoti kuti pazi nje, iso lisati qaba, kukale ixilongo lokugcina — ngoba ixilongo lizaumpempeza ngempela — kuvuke-ke abafileyo, bengasayikubola, tina-ke siguqulwe. Ngobapela okubolayo loku ngakwembata okungebole, nokufayo loku ngakwembata okungefe.* [3]) Naku-ke, sokuyakuvuselelwa umteto wakuqala, njengoba kwakutiwe, abantu abayikufa; kwati-ke ukufa sokuvelile ngokwona, uJesu wat'ehlaula ukwona, wakwahlula nokufa: bonke, abahle nababi, bayovuka, bangabe besafa, umzimba wabo pela. Kungako-ke kutiwa enCwadini ey'ingcw.: *« We, 'kufa, kupi-ke ukunqoba kwako? We, 'kufa, lupi-ke udonsi lwako na?* [4]) UPaulus ocw. uti futi: *Kepa ukuba uMoya walowo owavusa uJesu ekufeni uhlezi kinina, yena* (uNkulunkulu) *owamvusa uJesu 'Kristo ekufeni nyakupilisa nemizimba yenu efayo, 'enze ngenxa yoMoya wake ohlezi kinina.* [5]) Pela, uMoya ocw. uhlezi kitina ngexotsho elicwebisayo.

E! njengoba kunge umpefumulo wodwa nje owasindiswa ng'uJesu, kwasindiswa belu nomzimba, nanjengoba ixotsho elicwebisayo lis'empefumulweni nas'emzimbeni wetu, iBandhla laliyiloku l'azisa isidumbu somuntu okohweyo, obatshatiziweyo, l'azi ukuti isidumbu lesi siyauvuka futi, litemba ukuti singayukela ubukosi bwas'ezulwini. Kanjalo-ke, uma kung'enzeka, isidumbu siyiswa

[1]) Matth. 22, 28-32.—[2]) Job. 19, 25-27.—[3]) 1. Kor. 15, 51-53.—[4]) 1. Kor. 15, 55.—[5]) Rom. 8,11.

esontweni, situnqiselwa, sibekwa elibeni elihlahlamelisiweyo, iliba libe ngas'esontweni noma ngas'esipambanweni. Ngoba abafileyo beyauvuka futi, iBandhla libiza indawo yamaliba ngelokuti "indawo yokulala", kwenye indawo ngelokuti "insimu ka'Nkulunkulu", kungoba *»kuhlwayelwa okubolayo; kuyakuvuka okungebole. Kuhlwayelwa okungena'dumo, kuyakuvuka okunobukosi; kuhlwayelwa oku'butakataka, kuyakuvuka okunamandhla. Kuhlwayelwa umzimba onompefumulo nje, kuyauvuka umzimba wokwomoya.»*[1])

(Indaba yezinsalelo seziCwetshiswa, ebambelele kukona loku, ifumaniseka esahlukweni sokuhlangana kwabacwebileyo.)

223. UNkulunkulu ak'ahluleki yini ukuvusa abafileyo na?

Qabo, uNkulunkulu ak'ahluleki ukuvusa abafileyo, loku eng'ahlulwa 'luto.

Ong'ahluleki ukudala, eng'ahluleki-ke ukwenza into kungeko 'luto lwokuy'enza, kuyabonakala ukuti ak'ahluleki ukubuta nokuhlanganisa futi konke loko okwakuumzimba, kubuye kube yiwo.

3.

Ukutetwa kwamacala abasekona nasebafa.

224. Kwot 'uma sokubutene bonke, kwenziwe-ni na?

Kwot 'uma sokubutene bonke, kutetwe icala.

Kubutene *bonke*: (1) aboba besekona, bengakafi, uma kufika usuku lwokugcina. Akwaziwa, noma uvalo nosizi, abayakufikelwa yilo *begolozele okuzakwehlela umhlaba*[2]), lwoba njengokufa nje kubona, noma beyakufa ngempela yini, besebevuka konamanje futi; (2) abafileyo, (3) izingelosi, njengoba naku kutiwa: *An'azi yini ukuti siyakuteta icala lezingelosi na?*[3]) *Ngobapela uNkulunkulu waengaziyekeli izingelosi ez'ona, kanti zati ziholwe ngêndopi zesihogo ziholelwa pansi olontweni, wazikapela wati azihlutshwe, zikwezelwe ukutetwa kwecala*,[4]) utsho njalo uPetrus ocw. NoJudas ocw., uThaddeus, utsho njalo, eti: *Aike, ngitand' ukunikumbuza ukuti . . . . izingelosi ezingakwezanga ubukosi bwazo, zashiya indhlu yazo*, (uJesu) *uzibopile ngezibopo ezingatukuluki nanini, uzihlalise ebumnyameni, ezihlalisele icala langosuku olukulu lolo.*[5]) Kuy'ezwakala belu ukuti kuyakutetwa icala lezingelosi ezimbi.

Umteti wecala ng'uKristo kambe (*number* 191). Kepa nabApostole neziCwetshiswa bayakumtetisa icala, njengoba kwatsho

[1]) 1. Kor. 15, 42-44.—[2]) Luk. 21,26.—[3]) 1. Kor. 6,3.—[4]) 2. Pet. 2,4. —[5]) Jud. 5. 6.

yena uKristo, wati: *Ngiqinisile ngiti kinina, nina eningilandeleyo, kwoti uma sokung'ukuvuselelwa 'butsha, mhla inDodana yomuntu iyakuhlala esihlalweni sobukosi bwayo, nihlale nani ezihlalweni ezil'ishumi nambili, nizotet' amacala ezizwe ezil'ishumi nambili zakwa'Israel.* [1]) UPaulus ocw. uti: «*Kan'azi yini ukuti iziCwetshiswa ziyakuteta icala lalo'mhlaba na?*» [2])

Indawo: Icala liyakutetwa emhlabeni: *noma ngas'emhlabeni,* emoyeni belu was'emkatini womhlaba: njengoba naku kutiwa: « . . *yona uqobo, inKosi . . . iyakwehla ezulwini, kuvuke kuqala abafileyo . . . besokuti tina esisekona esisasele sihlwitwe kanye nabo s'enyuswe ngamafu, s'enyuselwe ku'Kristo emoyeni*», [3]) *noma emhlabeni uqobo,* esigodini esitiwa Yósafat , njengoba uNkulunkulu wati ngomlomo ka'Joel: « . . . *kuleyo 'nkati . . . ngiyaubata zonke izizwe, ngiziyise esigodini (esitiwa) Yosafat, ngizoteta kona icala labantu bami . . .* [4]) Uma kuyiso uqobo, kuyabonakala ukuti ng'esas'eKedron, umfudhlana was'eJerusalem, indawo efaneleyo kambe, njengaloko uJesu wasindisa kona abantu. Kepa, njengoba elesiHeberu leli lokuti Yosafat liti UNkulunkulu-uteta-icala , akwaziwa noma *l'igama nje* yini laleyo 'ndawo, icala eliyakutetelwa kuyo, noma litsho leso 'sigodi sakwelakwa'Israel.

225. Ukutetwa kwecala, kuyakwenziwa njani na?

Ukutetwa kwecala, kuyakunqunywa indaba yayilowo nalowo njengakwenzileyo.

Akufundwe lapa amazwi enCwadi ey'ingew. aku'*number* 194. Nanka amanye. EsAmbulweni kutiwa: «*Ngabona abafileyo abakulu nabancane, b'emi pambi kwesihlalo* (somteti wecala), *kwasokuvulwa izincwadi, yavulwa-ke nenye incwadi, eyabapilayo: kwasokunqunywa indaba yabafileyo njengokulotshiwe ezincwadini lezo njengokwakwenziwe yibo.* [5]) T. t. 64. Kuyona leyo 'ncwadi kutiwa futi: *Nako-ke, kuvele ukuzamazama okukulu kwomhlaba, ilanga laba mnyama njengesaka loboya, nenyanga yonke yaba njengegazi, nezinkanyezi zawa ezulwini zawela emhlabeni . . . Izulu lahlehla njengencwadi egoqongwayo, yileyo naleyo 'ntaba nesiqingi satutwa endaweni yaso; ke, amakosi omhlaba nezikulu nezinduna nezicebi neziqwaga, yileso naleso 'sigqila nayilowo nalowo ozipeteyo bacatsha emihumeni nas'ematsheni ezintaba, bati ezintabeni nas'ematsheni: Yiwani niwele pezu kwetu, nisisite, sisiteke ebusweni bwohlezi esihlalweni,*

[1]) Matth. 19,28.— [2]) 1. Kor. 6,2.— [3]) 1.Thess. 4, 15-16.— [4]) Joel 3, 1-2.— [5]) Amb. 20,12.

sisiteke olakeni lwemVana, loku kufike usuku olukulu lwolaka: ng'ubá ong'ema na?[1]) T. d. 97, 2.

226. Njengaloko kutetwa icala lomuntu eyedwa, kutetelwa-ni futi icala labantu bebonke na?

Nakuba kutetwa icala lomuntu eyedwa, kutetwa necala labantu bebonke, ngoba kutand' ukuhlalukiswa indaba yayilowo nalowo 'muntu, neyesintu sisonke, nobukosi bwenDodana yomuntu.

Ukubona kwetu tin' abantu, kutatu ukuteta: (1) UNkulunkulu uyiloku eteta yileyo naleyo 'ndaba *is'enziwa* ng'umuntu elapa emhlabeni; naku ukuz'azela kwetu, izwi lelo eliyiloku likuluma pakati enhliziyweni, lisibabaza uma s'enza okuble, lisisola uma s'enza okubi. Nang' uNkulunkulu eti ku'Abraham: *Hamba pambi kwami* (loku ng'ukuti: ukuhamba kwako, kumbula ukuti ngikona, ngikubekile, ngiyakwazi), *yikona uzanqedela ukulunga.*»[2]) Nanti elika'Paulus ocw. liti: «*Ukuteta indaba, uma besiziteteta njalo, impela ib'ingagikutetwa* (uNkulunkulu). [3]) (2) UNkulunkulu uteta indaba yetu, qed'uba s'emuke emhlabeni. (3) UNkulunkulu uyiteta ngosuku lwokugcina. Kepa ku'Nkulunkulu, okungeko 'sikati kuye, o'kwazi kwake kunye zwi, akuko ukuteta okutatu, kunye zwi.

Kuti kusatetwa icala lomuntu es'efile nje, akuk'aziwa yibo bonke ukuti icala lapela kanjani. E! Indaba yay'ilowo nalowo 'muntu nokupela kwayo kutand' ukuhlaluka obala. Futi kusatetwa icala emva kwokufa kwomuntu, umzimba wake aukabiko, ngosuku lwokugcina ukona-ke.

Ecaleni las'emva kwokufa nje, kusey'indaba yomuntu eyedwa; ecaleni lokugcina akuse'ndaba nje yoyedwa, sokuy'indaba yesintu sonke. UAdam ung'uyise *wesintu sonke;* ukwona kwake, kw'ona *bonke.* Ukusindisa, uJesu, uAdam wesibili, wasindisa *isintu sonke.* Ngako-ke nokupela kwendaba *yesintu sonke* kutand' ukuhlaluka obala, kwahlukane *izimvu nezimpongo* [4]) kwahlukane *inggolowa nokula* .[5])

Kepa into enkulu nansi: *Ukufika kwokuqala* kwenDodana ka'Nkulunkulu, yaitukuse ubukosi bwobuNkulunkulu, ibonakala nje ngesimo sesigqila, izitoba ilalela kwaza kwaba s'ekufeni kwas'onqamlezweni. Kwafanela-ke kakade ukuba kube kona *ukufika kwesibili,* ifike ibonise bonke abantu nezingelosi ubukosi bwobuNkulunkulu bwayo, bavume bavunyiswe bonke ukuti, ing' *uNkulunkulu, ofanele ukudunyiswa nanini.*»[6])

[1]) Amb. 6, 12-17.— [2]) 1. Mos. 17,1.— [3]) 1. Kor. 11,31.— [4]) Matth. 25,33. —[5]) Matth. 13,30.— [6]) Rom. 9,5.

227. Icala liyaupela ngokuti-ni na?

Icala liyaupela ngokuti, abalungileyo abaye ezulwini, abangalungile abaye esihogweni.

Naku kutsho uJesu uqobo, eti: «*InKosi izauti kwabakwesokunene sayo: "Wozani, nina 'zihlahlameliswa zika'Baba, niwudhl' ifa umbuso enilungiselwe wona selo kwadabuka umhlaba".*»[1] «*Ib'is'ibuya iti kwabas'ekohlo: "Sukani kimina nina 'ziqalekiswa, niye emlilweni wapakade olungiselwe usatana nezingelosi zake".*»[2]

Njengoba sonke isintu siy'into inye (*numbers* 83, 226), kuyabonakala ukuti indaba yaso sonke isintu iyakunqunywa ngomteto *munye*, oka'Nkulunkulu belu; e! neyomuntu omnyama aiyikunqunywa ngomteto wabantu abamnyama, iyaunqunywa ngoka-'Nkulunkulu kube kupela.

228. Imizimba yabalungileyo iyakuba njani na?

Imizimba yabalungileyo iyakuba njengomzimba ka'Jesu es'evukile kwabafileyo.

Naku kuzwakala ngelika'Paulus ocw. lokuti: *UJesu 'Kristo uyakuguqula umzimba wokufojiswa kwetu, ube njengomzimba wobukosi bwake.*»[3]

(1) Umzimba wolungileyo ausayikwaz' ukuhlutshwa nokufa. Njengoba kutiwa: *UKristo evukile ekufeni kasena'kufa futi, ukufa kungebe kusambusa*,[4] kanjalo uJesu wati: *Labo abayakufanelwa ukuhlala kulelo'zwe nokuvuka ekufeni, . . . abasayikuba na'mandhla okufa.*[5] Sesalizwa elika'Paulus ocw. lokuti: *Kuhlwayelwa okubolayo, kuyauvuka okungebole,*[6] nelika'Johannes ocw. lokuti: . . . *kungabe kusaba kona ukufa nokulila nokukala nobuhlungu.*[7] (2) Umzimba onjalo us'uzauba nobukosi bwas'ezulwini, ukanye, uewazimule: *Lapo-ke abalungileyo bayakuewazimula kuhle kwelanga embusweni ka'Yise wabo*,[8] kwatsho uJesu uqobo. (3) Kuseumzimba oyiwo, kodwa us'ubuswa ng'umoya, uze ube *umzimba wokwomoya.*[9] Ngako-ke ausavinjelwa 'luto ukuya la umoya utanda kona, njengaloko nomzimba ka'Jesu wapuma elibeni livaliwe ngetshe, wangena endhlini izivalo zivaliwe.—Njengoba amanxeba asele ku'Jesu 'andise udumo lwake, kuyatenjwa ukuti nakwabafelukolo amanxeba abo ayakubonakala nas'ezulwini, nakwabanye lezo 'zito zomzimba, ababemsebenzela ngazo uNkulunkulu kakulu, ziyakuba nomvuzo owodwa ohlalukayo.

[1]) Matth. 25, 34.—[2]) Matth. 25, 41.—[3]) Fil. 3, 20-21.—[4]) Rom. 6,9.—[5]) Luk. 20,35. 36.—[6]) 1. Kor. 15,42.—[7]) Amb. 21,4.—[8]) Matth. 13, 43.—[9]) 1. Kor. 15,44.

229. Imizimba yababi iyakuba njani na?

Imizimba yababi nayo aisayikwaz' ukufa, kepa yoba miibi, isakwazi nokuhlutshwa.

«*Loko umuntu 'one ngako, yiko ayakuhlutshwa ngako.*»[1])

Isahlukwana sesi8 somvumokolo:

"Ngiyakolwa ku'Moya ocwebileyo."

I.

Ukwehla kwoMoya ocwebileyo.

230. Wati uJesu eses'emhlabeni, watembisa abafundi bake ukuti uyakubatumela 'bani na?

Wati uJesu eses'emhlabeni, watembisa abafundi bake ukuti uyakubatumela uMoya ocwebileyo.

Mina (uJesu) *ngiyakuncenga uBaba, kona eyauninika esinye isiSizi, sihlale nani nanini, uMoya belu wesiminya.*»[2]) UJesu, eti-ke esinye isiSizi , kuy'ezwakala pela ukuti, kade eng'uye oy'isiSizi sabo esitunyiwe uYise, sebeyautunyelwa esinye, ngoba waeyaumuka emhlabeni, abuyele ezulwini. *Loku-ke ngikukalumile ngisahlezi nani. Kepa isiSizi, uMoya ocwebileyo, uBaba ayauwutuma ngegama lami, yiwo oyauufundisa konke, unikumbuze konke enginitshele kona.*»[3])

231. Kwati kudhlule insuku ezil'i10 uJesu 'enyukele ezulwini, uMoya ocw. w'ehla nga'lup' usuku na?

Kwati kudhlule insuku ezil'i10 uJesu 'enyukele ezulwini, uMoya ocw. w'ehla ngesonto lepentekoste.

ElesiGreke leli lokuti pentekosté liti nje olwamashumi amahlanu . -Ipentekoste las'eTestamenteni elidala T. d. 43. UJesu wayuka ekufeni ngesonto lepasika, wahlala insuku ezi'ma40; zona-ke zapela ngolwesine ow'enyuka ngalo waya ezulwini. Emva kwalo kwakusadhlula insuku ezil'i10, kwaza kwaba l'ipentekoste lamaJuda; yilo pela elalil'usuku lwamashumi amahlanu, uJesu eyukile; ngalo-ke kw'ehla uMoya ocw. Aike, njengaloko ipasika labakwa'Israel lapenduka laba eleBandhla lika'Jesu, kanjalo nepentekoste labo lapenduka laba eleBandhla lika'Jesu.

232. Ukwehla kwoMoya ocw., kw'enza njani na?

Ukwehla kwoMoya ocw., kwavela umdumo omkulu,

[1]) Hlak. 11,17.—[2]) Joh. 14, 16-17.—[3]) Joh. 14, 25-26.

kwasokubonakala izilimi ez'ahlukeneyo kwangati ezomlilo, zahlala ku'bApostole.

T. t. 88.—Mhla uMoya ocw. waqalisa ukubonakala embapatizweni ka'Jesu, wabonakalisa okwejuba. T. t. 11.

Usuku lwoMoya ocw. l'isonto lepentekoste.—Imfihlo yesi3 yerosari lobukosi ng'eyokuti, uJesu wasitumela uMoya ocw.

II.

UMoya ocw. uy'ini na?

Ukuti: **UMoya ocw. ung'umzimeli wobuNkulunkulu** sokwatshiwo ku'*number* 41.
Ukuzimela kwawo .. .. „ 39.
Ukuti: **UMoya ocw. ung'uNkulunkulu uqobo** .. .. „ 42. & 43.
Ukuti: **"UMoya" ocw. aku'gama njena** .. .. .. „ 47.
Ukuti: **UMoya ocw. ulingene noYise nenDodana** .. „ 48.

233. UYise eng'Ongazalwanga, inDodana ing'Ozelweyo, uMoya ocw. ung'Owenza-ni na?

UYise eng'Ongazalwanga, inDodana ing'Ozelweyo, uMoya ocw. ung'Opumayo ku'Yise benenDodana.

UJesu wati: *Kwot'uba kufike isiSizi engiyakunitumela sona sivela ku'Baba, uMoya helu wesiminya opuma ku'Baba, wona uyaungifakazela.* [1]) (UMoya ocw.) *auyikuzikulumela okwawo, uyaukuluma konke okuzwayo. . . . Wona uyakungidumisa mina, ngoba uyakutata k'okwami, an'azise kona. Ke, konke okuka'Baba ng'okwami; kungako-ke ngite: "Uyakutata k'okwami, un'azise kona".*[2]) Njengaloku uMoya ocw. upuma ku'Yise, konke-ke okuka'Yise kung'okwenDodana, kuy'ezwakala ukuti uyapuma nas'enDodaneni; uyapuma-ke ku'Yise benenDodana. Yiko okuzwakala nangamagama, uMoya ocw. obizwa ngawo enCwadini ey'ingcw.: *UMoya ka'Nkulunkulu* ,[3]) *uMoya wenKosi* ,[4]) *uMoya wenDodana* ,[5]) *uMoya ka'Nkulunkulu, uMoya ka'Kristo*.[6])

Ukupuma loku, nakuba nganxanye kulinganiswa nje (*number* 47), kuy'into ekona: njengoba inDodana ivele ku'Yise ngokuzalwa, kanjalo uMoya ocw. uvele ku'Yise benenDodana ngokupuma. Naku kuzwakala emvumokolweni otiwa oka'Athanasius ocw., kutiwa: *UYise* ak'enziwanga nang'umupi, kadalwanga, *kazalwanga. InDodana* ivele ku'Yise yedwa, ay'enziwanga, aidalwa-

[1]) Joh. 15, 26.— [2]) Joh. 16, 13-15.— [3]) 1. Kor. 2, 11.— [4]) Luk. 4, 18.— [5]) Gal. 4, 6.— [6]) Rom. 8, 9.

nga, *izelwe. UMoya ocw.* uvele ku'Yise benenDodana, aw'enziwanga, audalwanga, auzalwanga, *upumile.*

Ngamaningi amazwi as'enCwadini ey'ingcw. kuy'ezwakala ukuti *uMoya ocw. ul'utando luka'Nkulunkulu.* Yiko okubonakala nangomsebenzi omkulu osetshenzwa yiwo ku'bantu njengoba kutiwa: *Utando luka'Nkulunkulu luteliwe ênhliziyweni zetu ngoMoya ocw. esiwuxotshisiwe.**)

III.

Imisebenzi yoMoya ocw.

234. Ababala izincwadi zenCwadi ey'ingcwele babaliswa ng'ubani na?

Ababala izincwadi zenCwadi ey'ingcwele babaliswa ng'uMoya ocwebileyo.

Le'ndaba iyaucazwa esahlukweni seBandhla, esahlukwaneni sakona sokuti: Ukubaliswa ng'uMoya ocw.

235. Umsebenzi, uMoya ocw. owaqalisa ngawo ukusebenzisana nomSindisi wetu, ng'umupi na?

Umsebenzi, uMoya ocw. owaqalisa ngawo ukusebenzisana nomSindisi wetu, ng'ukumitwa kwake ng'uMaria.

Number 114.

236. Ukwehla kwawo ngepentekoste, uMoya ocw. wab'enzani abApostole na?

Ukwehla kwawo ngepentekoste, uMoya ocw. wabagcwalisa abApostole ngomlilo wotando lwawo, wabamis' isibindi, wabakulumisa izilimi.

AbApostole, bati bengak'ehlelwa uMoya ocw., babese'magwala nje, bazivalela endhlini, b'esaba amaJuda. Kwati-ke uba uMoya ocw. ub'ehlele, basebeguquliwe. Abakade besenovalo sebenesibindi (T. t. 88, 89, 91.); abakade beseng'abadobi bênhlanzi nje, sebey'izazi, sebeshumayela isiminya sika'Nkulunkulu (T. t. 88. 89.), bekuluma nezilimi bengazifundanga; abakade bengena'mandhla seb'enza izimangaliso. Utando-ke abagcwaliswa ngalo lwalungasapeli ênhliziyweni zabo, baza baqeda imisebenzi yabo emininginingi, elukuni futi, besebenzela ukwandiswa kweBandhla lika-'Nkulunkulu, bayiqeda ngokumfela.

237. Imisebenzi emikulu, uMoya ocw. oyisebenza eBandhleni lika'Nkulunkulu, yimipi na?

Imisebenzi emikulu, uMoya ocw. oyisebenza eBandhleni

*) Rom. 5,5.

lika'Nkulunkulu, ng'ukuhlala nalo, nokulifundisa kuze kupele umhlaba, nokulipa onke amanye amandhla.

1. Ukuhlala nalo nokulifundisa.— UJesu wati: «*Mina ngiyakuncenga uBaba, kona eyakuninika esinye isiSizi, sihlale nani nanini, uMoya belu wesiminya.* [1]) Wati futi: *IsiSizi, uMoya ocw. azauwutuma uBaba ngegama lami, yiwo oyakunifundisa konke, unikumbuze konke enginitshele kona.*» [2])

2. Ukulipa onke amanye amandhla.— Mhla uJesu wabapa abApostole bake amandhla okutetelela izono, wapefumulela kubona, wati: «*Y'amukelani uMoya ocw. . . .* »; kepa nakwamanye amasakramente yiwo osebenzayo, abamukelisi (abapriste, ababishopu) beng'umlomo nezandhla nêndhlebe zawo. Nokunye ukuxotshisa konke nje kung'umsebenzi wawo: naku kutiwa: *Yilowo nalowo uxotshiswa into, uMoya oqama ngayo,* (leyo'nto) *ibe insizo. Pela, omunye uxotshiswa uMoya ukukuluma, akulunyiswe ukwazi njengokuxotshiswa yiwona lowo 'Moya; omunye uxotshiswa ukolo yiwona lowo 'Moya; omunye uxotshiswa ixotsho lokupulukisa ng'uMoya munye; omunye uxotshiswa ukwenza izimangaliso, omunye ukubula* (okuyiko belu, okung'ukukuluma nokucasisela akutshoyo uNkulunkulu), *omunye ukwahlukanisa imimoya, omunye ukukuluma izinhlobonhlobo zezilimi, omunye ukucacisela izilimi. Kepa konke loku kusetshenziwa uMoya munye owabela yilowo nalowo njengoba utanda.*» [3])

Kuyabonakala-ke ukuti, kugewaliseke owaekutshilo uJesu, eti: «*Bekani, mina ngiyamtuma kinina lowo enimtenjiswe uBaba; nina nohlala emzini* (iJerusalem), *nize n'embatiswe amandhla* ,[4]) eti futi: *Niyakwamukela amandhla, uma uMoya wehlela pezu kwenu.*» [5])

238. Seloku uMoya ocw. wafika ku'bApostole, ausafiki ku-'muntu na?

Seloku uMoya ocw. wafika ku'bApostole, usafika kuyilowo nalowo 'muntu, la exotshiswa ixotsho elicwebisayo, nalapo eqiniswa.

Ukuti uMoya ocw. waka pakati ku'muntu os'exotshiswe ixotsho eliewebisayo, kufumaniseka esahlukweni salo nakwesombapatizo. Ukuti amakolwa ayaw'amukeliswa, la es'ebutelwa uJesu ngesakramente lomqiniso, kuyaukulunywa esahlukweni salo.

Lapa asikulumi ngokuba uMoya ocw. w'ehlela ngezinye izikati ku'bantu njengoba wawehlele pezu kwabApostole. (Enz. 8, 17-18; 10, 44-47; 11, 15.)

[1]) Joh. 14, 16-17.— [2]) Joh. 14, 26.— [3]) 1. Kor. 12, 7-11.— [4]) Luk. 24, 49.— [5]) Enz. 1, 8.

239. Lapo uMoya ocw. ufika kona, ufika nani na?

Lapo uMoya ocw. ufika kona, ufika namaxotsho awo a'sikombisa.

Kuyakuhlala kuye (uKristo) *uMoya wenKosi: uMoya wokuhlokanipisa nokuqondisa, uMoya wokululeke nokukalipisa, uMoya wokwazisa nokulungisa, amgewalise-ke ngoMoya wokwesabisa (abantu) inKosi.* [1]) Aike njengoba uKristo watola lawo 'maxotsho, nati siyawatola, loku *tina sonke sitoliswa okwalowo ogeicele kona* (uKristo). [2])

240. Ng'umupi umsebenzi esiti ng'owoMoya ocw. kakulu na?

Umsebenzi esiti ng'owoMoya ocw. kakulu, ng'ukucwebisa.

Kutiwa, umsebenzi ka'Yise ng'ukudala; owenDodana ukusindisa; owoMoya ocw. ukucwebisa. I'ela, ukusebenza kwomzimeli munye wobuNkulunkulu, bayasebenzisana bobatatu kambe, loku be-l'uqobo lunye; noko l'iqiniso ukuti ukusebenza kwomzimeli wo-kuti kuokwake.

Aike, ukucwebisa kwawo, uMoya ocw. uyacwebisa wonke umuntu neBandhla lonke ngemfundiso ey'ingcwele ngexotsho elicwebisayo, nangokusizana nomuntu ngamaxotsho asizayo. Nanku-ke umsebenzi omkulukazi oyiloku usetshenzwa ng'uMoya ocw. eBandhleni lonke, selo waqalis' ukufika ngel'entekoste. oyiloku usetshenzwa yiwo kuyilowo nalowo 'muntu eyedwa selo waqalis' ukufika kuye mhla ebatshatizwa. *»Kepa noMoya (ocw.) uyasebenzisana nati si'hutakataka. Ngobapela ukuti kufanele ukuba sicele 'nto-ni, nokuti sigicele kanjani, kasikwazi, kepa wena uMoya uqobo uyasikulumela ngokumbongoza okungakulumeki.«* [3]) – Aike, siti sibona uMoya ocw. usebenza umsebenzi ongaka, usisebenzela tina, masiw'azise nokuw'azisa, sibonge kuwo ngokusebenzisana nawo, yikona siyosinda ngempela.

[1]) Is. 11, 2-3.—[2]) Joh. 1, 16.—[3]) Rom, 8, 26.



Isahlukwana se9 somvumokolo.

"Ngiyakolwa nokuti kukona iBandhla eliy'ingcwele elikatolike, (ukuti kukona) ukuhlangana kwabacwebileyo.

I.

Ukulungisela iBandhla lika'Kristo.

I.

Ukulilungisela uKristo engakabiko.

241. Konke okwas'esiVumelanweni esidala kwakuy'ini ye-Bandhla lika'Kristo na?

Konke okwas'esiVumelanweni esidala kwakul'itunzi nomfanekiso weBandhla elaliyakumiswa ng'uKristo.

Nang'uPaulus ocw. eti: *Makungabiko 'muntu oti, ninecala ngokudhla* (ukudhla okutize), *kumbe ngokupuza* (into etize), *kumbe ngomkosi kumbe ngokutwasa kwenyanga, kumbe ngesabbata* (ngoba ningalondi konke loku),—*isinto belu eziy'isitunzi sokwakus'ezakuza, inganti uKristo eng'umzimba.*[1]) P'ela umzimba, yiyo into eyiyo; isitunzi somzimba asi'luto ngokwaso. Kanjalo nemiteto yonke yesiVumelano esidala ai'luto ngokwayo, il'itunzi nje lesitsha. Kepa noko netunzi liyinto ekona, futi likomba into elivezwa yiyo. Njalo-ke nesiVumelano esidala sasiy'into ekona, eswelekile; futi sasikomba leyo'nto esavezwa yiyo, ngitsho pela isiVumelano esitsha, iBandhla belu liha'Kristo.—Nank' amanye amazwi atsho kona loku: "... *bakona* (abapriste bomteto omdala) *ababonga njengokutsho kwomteto, besebenzela okungumfanekiso nctunzi nje lokwas'ezulwini* (lapo kukona umpriste wetu omkulu), *njengaloko uMoses, wat'es'ezawyeda itente* (lenhlangano) *wayalwa, kwatiwa: "Beka . . . konke wokwenza njengomfanekiso owaboniswa wona entabeni".*[2]) *Umteto* (omdala) *unalo, itunzi nje lokuhle okwakus'ezakuza, aunayo inswebu uyobo yezinto ezikona ngempela.*"[3])

Ukuti isiVumelano esidala sapelela esiVumelanweni esitsha, eBandhleni lika'Kristo pela, nang'uKristo etsho, eti: "*Ningaboti, ngize'kucita umteto nabaprofete; qabo, angizclanga ukucita, ngize'kugcwalisa.*"[4]) Nembala konke okwesiVumelano esidala kugcwaliseke ng'uKristo neBandhla lake eliyilo, kungeko 'bandhla nelilodwa emabandhleni ati aka'Kristo, okugcwaiisehe kulo okwesiVumelano esidala.

[1]) Kol. 2 16-17.—[2]) Heb. 8, 4-5.—[3]) Heb. 10, 1.—[4]) Matth. 5, 17.

242. Kwakubikezelwe yini ng'abaprofete ukuti uKristo uyakumisa iBandhla labake na?

Yebo, kwakubikezelwe ng'abaprofete ukuti uKristo uyakumisa iBandhla labake, belifanisa nombuso omkulu.

Babikezela ukuti, kuyakuba kona "iTestamente elitsha" kumbe *"isiVumelano esitsha"* sika'Nkulunkulu nabantu; nokuti, uKristo uyakuba *"inKosi yoxolo"* embusweni wake, zonke izizwe eziyakuza kuwo zibe ezawo; nokuti, *umbuso wake auyikupela kuze kube umalusi munye nomhlambi munye*; nokuti, *zonke izizwe ziyakuya elerusalem*, emzini belu oy'ingewele wombuso ka'Kristo, oyakuba *"inKosi yamakosi"*; nokuti, uKristo *uyakuba umpriste njengomteto ka'Melkisedek kuze kube nini*; nokuti, *nabezizwe bayakuba abapriste*, nokuti-ni nokuti-ni. Bala, baqinisile labo 'bafundisi abacw. beBandhla abati, ukukuluma ngeBandhla lika'Kristo, kuyakulunywa ngalo eTestamenteni elidala kakulu nje kunas'eTestamenteni elitsha.

Sokw'ezwakala ku'*number* 164 ukuti amaJuda ab'azi ngempela ukuti uKristo uyakuba inkosi enkulu, zonke izizwe ezizauyikonza. Kanti aengaboni ukuti umbuso wake *kung'owezulu, owokwomoya pela.*

Etestamenteni elidala kwabikezelwa

1. **ukuti umbuso ka'Kristo uyakuba *munye*.**
2. **ukuti uyakuba *owabacwebileyo*.**
3. **ukuti uyakuba owakuwo wonke umhlaba, owezikati zonke, owabantu bonke, *okatolike* pela.**[1])

2.

Ukulilungisela, uKristo es'ekona.

a.

Esafundisa.

243. Umanduleli ka'Kristo no'Kristo uqobo baqalisa ukushumayela ngokuti-ni na?

Umanduleli ka'Kristo noKristo uqobo baqalisa bobabili ukushumayela ngokuti: «Pendukani nilungise, ngoba umbuso wezulu usondele.»[2])

Kuyabonakala ukuti bobabili batatela lapo kwakugcine kona abaprofete; babebikezela bona ukuti uKristo uyakumisa umbuso omkulu. Aike, nengelos' enkulu, uGabriel, yaimazise uMaria

[1]) Leli'zwi licasiselwa ku'*number* 265.—[2]) Matth. 3,2. 4,17.

ukuti: *Yena uyakuba mkulu, kutiwe uy'inDodana yoPezukonke; inKosi, uNkulunkulu* (uYise), *imnike isihlalo sobukosi sika'David, uyise; uyobusa kwa'Jakob kuze kube pakade, umbuso wake auyikupela.*»*)

Ng'"umbuso *wezulu*" ngani na? Ngoba inkosi yawo y'inKosi yas'ezulwini, nangoba abombuso ngabefika ezulwini. Ke, abombuso ng'abantu bas'emhlabeni, loku kuyibo ababikezelelwe wona ng'abaprofete, yibo abashunyayezwa ng'uJohannes noKristo uqobo.— Umbuso angiti unenkosi na? unezinduna na, unezikulu, unezilomo, unompakati wabantu na? Po-ke yilowo nalowo angaba inkosi ngokwake yini na?

Aike, njengoba iBandhla lika'Kristo lamelwa ukuba *umbuso,* apambekile amaProtestante lawo ati, (1) iBandhla lika'Jesu ling'umbuso ongabonakaliyo, owemimoya nemipefumulo yodwa, inganti abombuso lo bang'abantu, ai imimoya nje. Apambekile futi eti, (2) yilowo nalowo angazibonela ngenCwadi ey'ingcwele (iBaibele) ukuti angakolwa ukuti-ni na, nokuti ang'enza njani ukusindisa umpefumulo wake. Pela, uma bekunjalo, yilowo nalowo ub'es'eyakuba inkosi ngokwake.

244. Kwat' uba kube kona abakolwa kuye, uJesu wabahlanganisa, wab'enza ibandhla yini na?

Yebo, kwat' uba kube kona abakolwa kuye, uJesu wabahlanganisa, wab'enza ibandhla.

Kuyabonakala kweziningi îndawo zas'enCwadini ey'ingcw. ukuti kunjalo, ikakulu lapo waketa empakatini wamakolwa abApostole abal'i12 nabaFundi aba'ma72. Ukuketa, kuyaketeka nje lapo kukona abaningi.

245. IBandhla labaka'Jesu laling'umbuso yini na?

Yebo, iBandhla labaka'Jesu laling'umbuso, ngoba linenkosi, linezinduna ezinkulu nezincane, linompakati wabantu.

Inkosi ng'uJesu,! izinduna ezinkulu ng'abApostole, ezincane ng'abaFundi, umpakati yiwo onke amanye amakolwa.

246. Ukuti iBandhla lika'Jesu lamelwa ukuba umbuso, kuyabonakala nangani na?

Ukuti iBandhla lika'Jesu lamelwa ukuba umbuso, kuyabonakala nangawufanise nako umbuso wezulu.

T. t. 29. 46.

247. UJesu uqobo watsho yini ukuti kuyakuba kona iBandhla na?

*) Luk. 1, 32-33.

Yebo, uJesu uqobo watsho ukuti kuyakuba kona iBandhla, eti ku'Petrus, uyaul'aka kuye, eti isihogo asiyikul'ahlula, eti, ongalizwa akabe njengeqaba nomtelisi.

T. t. 38.

248. UJesu wat' azi ukuti kayikuhlala njalo emhlabeni, w'enza-ni na?

UJesu wat' azi ukuti kayikuhlala njalo emhlabeni, wafundisa walungisa abApostole nabaFundi, yikona beyokwazi ukuquba umsebenzi wake engaseko.

Kuyabonakala ukuti uJesu, selo waqala ukufundisa, waey'iló efundisa bonke nje kambe abantu bakulo lonke lamaJuda nangakona. Kepa owaebafundisa kakulu, ng'abApostole nabaFundi bake. Kaninginingi, etatela abantu isilinganiso, abafundi b'eza kuye, bambuza ukuti siti-ni sona na? UJesu ati: *Nina nipiwe amandhla okwazi imfihlo yombuso wezulu; kepa abangapandhle bayatatelwa konke ngezilinganiso nje* ,*) ab'es'ebacasisela-ke. Ke, ukubafundisa kwakulukuni, beng'abantu abangafundile bey'izisebenzi nje, futi izinto abafundiswa zona zinqabile, loku ng'ezika-'Nkulunkulu nezompefumulo. —Kanti okwakulukuni kakulu, ng'ukubalungisa. Bati sebeshiye konke, nemizi yabo nabafazi babo (uJohannes eyedwa owaengatshadile), bakwelwa umona, babanga ubukosi; ukukolwa kwabo, babesatengatenga, nakuba babebonile izimangaliso z'enziwa uJesu; futi babesatemba, njengamanye amaJuda onke nje, ukuti uyakuba inkosi yakwa'Israel, 'ahlule zonke izizwe, zibe pansi kwa'Israel, nakuba waebatshelile kakade ukuti umbuso wake ausiwo owomhlaba lo, ng'owezulu; futi babese'magwala, b'esaba, bengaboni uma ebatshela ukuti inDodana yomuntu iyakuhlutshwa, ize ibulawe.

Kepa noko uJesu ak'ahlulekanga, nabApostole ab'ahlulekanga. E! ukumiswa kweBandhla, alimiswanga nga'mandhla a'muntu, lamiswa ngaka'Nkulunkulu, loku ng'*elake* iBandhla.

249. UJesu el'ikanda leBandhla, 'azi ukuti kayikuhlala njalo emhlabeni, w'enza-ni na?

UJesu el'ikanda leBandhla, 'azi ukuti kayikuhlala njalo emhlabeni, watsho esekona ukuti ng'uPetrus oyakumbambela engaseko.

UJesu ul'»ikanda leBandhla», loku eyilo ikanda lomzimba wake ol'iBandhla, ey'inKosi yombuso wezulu.

250. Watsho ngalipi na?

*) Mark. 4,11.

Watsho ngelokuti: «Mina-ke ngiti kuwe ('Simon ka 'Jonas): "Wena ung'uPetrus, uLitshe; ke, pezu kwaleli'tshe ngizakwaka iBandhla lami".»[1])

ElesiHeberu (kumbe elesArame) lokuti "Kefas" nelesiGreke lokuti "Petros" nelesiLatini lokuti "Petrus" ng'ukuti "uLitshe" ngesiZulu.

Igama, uPetrus ocw. owaeliqanjwe ng'uyise, ng'uSimon. Kepa wati uSimon ub'aqale ukumlandela uJesu, uJesu waes'etsho ukuti uyakumqamba elinye. Naku kutiwa: «Lo-ke (uAndreas) *wafumana kuqala uSimon wakwabo, wati kuye: "Simfumene uMessias (okung'ukuti uKristo)". Wamusa-ke ku'Jesu. Ke, uJesu wambeka, wati: "Wena ung'uSimon, indodana ka'Jonas; uyakutiwa uKefas, (loku ng'ukuti uPetrus, uLitshe)".* [2]) Ngonyaka wesitatu, ukuhlutshwa nokuqanyulezwa kuka'Jesu kungasekude, waes'emqamba elokuti "uPetrus", "uLitshe", njengoba waetshilo.[3])

Eti-ke uJesu, iBandhla lake uzakul'aka pezu kwaleli'tshe eling' uSimon uPetrus, kuy'ezwakala belu ukuti, uyalinganisa ngokwaka indhlu, efanisa iBandhla lake nendhlu yesonto ezakwakiwa etsheni; leli'tshe, uPetrus, lisekele yonke indhlu, uma uJesu uqobo engaseko lapa emhlabeni. Po-ke uPetrus amdhlule yini uJesu uqobo na? Nakanye, «*itshe las'engonini* (lapo kuhlangana kona isiVumelano esidala nesitsha) *elisekela konke ng'uKristo uJesu*»,[4]) njengaloko iBandhla linge elika'Petrus, ng'elika'Jesu, lokunaku uJesu ete «ngizakwaka iBandhla *lami* kuleli'tshe.»

Kuy'ezwakala ngalona leli ukuti uJesu akamisanga **ama**bandhla, loku naku eti «ngizakwaka iBandhla *lami* .

251. Amandhla wamnika wona uPetrus ngokuti-ni na?

Amandhla uJesu wamnika wona uPetrus ngokuti: «Ngiyaukunika izihlutulelo zombuso wezulu. Oyaukubopa emhlabeni, noma yikupi, kuyakuba kubotshwe nas'ezulwini; noyaukutukulula emhlabeni, noma yikupi, kuyakuba kutukululwe nas'ezulwini.»[5])

UJesu uyalinganisa lapa ngokubili:

1. Eti, uyaumnika izihlutulelo zombuso wezulu, usalinganisa *ngendhlu,* akade eti uyakuy'aka etsheni eling'uPetrus. Kuyabonakala ukuti uJesu, ukubuyela kwake ezulwini, waeyoshiya indhlu (iBandhla lake, umbuso wezulu), ayishiye ivaliwe, njengoba kwasokubikezelwe ng'uIsaias umprofete ukuti: «(Mina

[1]) Matth. 16,18.—[2])Joh. 1, 41-42.—[3]) Matth. 16, 13-18.—[4]) Ef. 2,20.—[5]) Matth. 16,19.

'Nkulunkulu) *ngibeka isihlutulelo sendhlu ka'David emahlombe ake* (uMessias, uKristo); *avule, kungabiko ovalayo; avale, kungabiko ovulayo.* [1]) Nang' uJohannes ocw. etsho kona loku, eti: *Yiko akutshoyo Ocwebileyo, Onesiminya, Opete isihlutulelo sika'David* (uKristo), *Ovula kungabiko ovalayo, Ovala kungabiko ovulayo.* [2])—Wati-ke eyoshiya emhlabeni indhlu yake ivaliwe, waeyoshiya nezihlutulelo, azishiye ku'Petrus: uPetrus avule, kungabiko okwaz' ukuvala; avale, kungabiko okwaz' ukuvula.

2. Ekuluma ngokubopa nokutukulula, kuy'ezwakala ukuti uyalinganisa ngomuntu onjengenkosi; kus'obala-ke ukuti umuntu wombuso wezulu us'emandhleni ka'Petrus: uPetrus ambope lapa emhlabeni, ab'es'ebotshwe nainKosi uqobo ezulwini, inKosi pela, uPetrus ayibambeleyo lapa emhlabeni; uPetrus amtukulule lapa emhlabeni, ab'es'etukululwe nainKosi uqobo ezulwini.

Kubili okuzwakala kahle lapa:

(a) ukuti uJesu utsholo-ni, eti, iBandhla al'akile ling'"umbuso *wezulu*", loku ling'umbuso o'mpakati wawo kung'abantu kambe bomhlaba, kepa ng'umbuso opelela ezulwini.—Kuy'ezwakala

(b) nokuti uPetrus ung'owokubambela uJesu uKristo lapa emhlabeni. Kungako-ke kutiwa, uPetrus ung'*umBambeli ka-'Kristo.*

252. UJesu wat' etembisa uPetrus ukuti uyakuba umBambeli wake, iBandhla lake walitembisa ukuti-ni na?

UJesu wat' etembisa uPetrus ukuti uyakuba umBambeli wake, iBandhla lake walitembisa ukuti "amasango esihogo kayikul'ahlula." [3])

Elokuti "amasango" esihogo ng'elokulinganisa, liti "amandhla". Po-ke, amandhla amakulu esihogo, amandhla amakulu ka'satana ng'amapi na? Ng'amanga. Nang' uJesu eti: «*Lowo-ke* (usatana) *waeng'umbulali wabantu selo kwaba s'ekuqaleni; kabambeleli esiminyeni, loku isiminya singeko kuye. Lapo ekuluma amanga, uyakuluma okwake, ngoba ung'umqambi wamanga noyise wawo.*» [4]) Pela, wawaqamba es'ezulwini, eti, uzaulingana noNkulunkulu; wawaqamba emparadisweni, eti, abantu bolingana noNkulunkulu; useyiloku ewaqamba, elinga abantu, eti, kuhle ukwenza ukuti, inganti kukubi. E! Into enkulu, ayiloku efun' ukwahlula ngayo iBandhla, yiwona amanga ake; pela, seloku iBandhla lamiswa, ng'uyise wamanga owatshitshizela abafundisi bamanga emfundisweni yamanga. Ke, uJesu eti, amandhla esihogo kayikul'ahlula iBandhla lake, uti, *amanga* ka'satana *kayi-*

[1]) Is. 22,22.—[2]) Amb. 3,7.—[3]) Matth. 16, 18.—[4]) Joh. 8,44.

kwahlula isiminya seBandhla lake, isiminya sika'Nkulunkulu belu.

Nas' isitembiso, uJesu owamtembisa ngaso uPetrus ukuti. akuyikupela ukukolwa kwake; wati kuye: «*'Simon! 'Simon! Beka, usatana uyanifunisisa, ukuze anihlunye njengengqolowa; kepa mina ngikukulekele wena ukuba kungapeli ukukolwa kwako, yikona-ke wot'uma us'upendukile wena, uqinise abafo wenu.*»[1])

253. Abanye abApostole benoPetrus, uKristo kabanikanga yini amandhla na?

Abanye abApostole benoPetrus, uKristo wabanika nabo amandhla ngokuti: «Ngiqinisile ngiti kinina: "Eniyakukubopa emhlabeni, noma yikupi, kuyakuba kubotshwe nas'ezulwini; neniyakukutukulula emhlabeni, noma yikupi, kuyakuba kutukululwe nas'ezulwini".»[2])

IBandhla eliyilo namabandhla ati aka'Jesu avumelene ngokuti: yibo bonke abApostole abapiwa amandhla okubopa nokutukulula. Kanti ati amabandhla lawo, amandhla abo bonke abApostole ayalingana, aka'Petrus akawodwa. Apambekile-ke, lokupela lipi izwi las'eBaibeleni eliti: uAndreas, uJakob, uJohannes noma umApostole 'mupi watshelwa ng'uJesu ukuti: pezu kwako 'Bani ngizakwaka iBandhla lami, nokuti: wena 'Bani ngiyaukunika izihlutulelo zombuso wezulu, nokuti: wena 'Bani, y'alusa îmvana nezimvu zami, na? Aliko!

Ati-ke: po, ukuba uKristo enike bonke abApostole amandhla okubopa nokutukulula, amandhla ka'Petrus awodwa kanjani na? Ake silinganise! Nans' inkosi ibiza izinduna zayo, iti kuzo: Nina nonke niy'izinduna zami; eniyakubabopa, babotshiwe; eniyakubayeka, bayekiwe. Ib'is'iti: Kepa njengoba mina sengizauwela ngiye petsheya, kubonakala ukuti ng'uLitshe ozaungibambela ngingeko, kube ng'uye, wonke umbuso wami omi ngaye; kube uyena opete izihlutulelo zombuso wami; kube uyena owalusa izimvana (umpakati) nezimvu zami (izinduna). Injalo nendaba esiyikulumayo lapa. InKosi ng'uJesu uKristo, inDodana ka'Nkulunkulu, uNkulunkulu pela. Le'nKosi izifunele izinduna ezing'abApostole bayo. (T. t. 32; 38 ekugcineni; 83 ekugcineni; 86 pakati). InKosi, uJesu, ingatandi-ke ukuzibusela ngokwayo, itand' ukuhlala ezulwini, ikete ezinduneni zayo inye ezoyibambela, uma ingaseko lapa emhlabeni.

[1]) Luk. 22, 31.—[2]) Matth. 18, 18.

b.

Ebonga onqamlezweni.

254. Ukulungisela iBandhla lake, uJesu walilungisela ngani kakulu na?

Ukulilungisela iBandhla lake, uJesu walilungisela kakulu ngokubonga kwake kwas'onqamlezweni.

Ukulilungisela iBandhla lake, uJesu waekade elilungisela, seloku waqala ukuz'enza umuntu. Waqala-ke ukul'aka, lapo waes'epuma eNazareth waya'kufundisa. Walilungisela ngako konke esikade sikukuluma ku *number* 167. Kodwa into enkulu, enkulukazi, yaisadingeka: ukuhlaulela abantu bonke nokubabuyisela ixotsho elicwebisayo nokubafunela onke amandhla okulunga. E! kwasweleka belu loko 'kubonga okukulu nokwesabekayo kwas'onqamlezweni. Aike, uKristo uJesu, wati ngokutanda izimvu zake, eng'umAlusi omuhle, wazidela amatambo ngenxa yomhlambi wake, [1]) wati ngokutanda iBandhla lake, wazidela ngenxa yalo, [2]) watenga bonke abantu ngegazi lake elil'igugu; [3]) waziewebisela iBandhla lake, yikona ezaulibona lilihle hle, lingena'sitshitshi na'mbimbi, licwebile, lingasoleki 'ndawo [4]) (*numbers* 172—179).

Njengoba uNkulunkulu uYise waedale umhlaba, kanjalo uNkulunkulu inDodana wawusindisa. Njengoba uYise, wati es'ezauqeda ukudala, wadala umzimba womuntu, kanjalo inDodana, uKristo wati es'ezauqeda ukusindisa, wadala «umzimba wake», iBandhla. [5]) Nanjengoba uYise wapilisa umzimba womuntu ngokuwupefumulela, ngokuwunika umoya pela, kanjalo umzimba wake ol'iBandhla uKristo wawupilisa ngokuwutumela uMoya ocw.

255. Njengoba uJesu 'Kristo eng'umSindisi womhlaba wonke, ung'umSindisi wabantu ba'zip' izindawo naba'zip' izikati na?

Njengoba uJesu 'Kristo eng'umSindisi womhlaba wonke, ung'umSindisi wabantu bakuwo wonke umhlaba nabezikati zonke, ung'umSindisi okatolike pela.

Elokuti "katolike" l'izwi lesiGreke ("katolikē"). NgesiNgisi kutiwa "universal". Ke, esiNtwini alihumutsheki ngezwi linye; into ekatolike y'into ekona ku'bantu bonke bakuwo wonke umhlaba ngezikati zonke, kumbe into emelwe ukusebenzela kumbe ukulungisela abantu bonke bakuwo wonke umhlaba ngazo zonke izikati.

Ses'ezwa ku *number* 88 ukuti *ukwona kuka'Adam kw'ona bonke*, [6]) ukuti ukwona loko kukatolike pela. Kanjalo sabuya

[1]) Joh. 10, 11.—[2]) Ef. 5, 25.—[3]) 1. Pet. 1, 19.—[4]) Ef. 5, 27.—[5]) 1. Kor. 12, 27.—[6]) Rom. 5, 12.

s'ezwa ku'*number* 172 ukuti uJesu 'Kristo *uy'inhlaulo yezono zomhlaba wonke* ,[1]) ukuti uy'inhlaulo ekatolike pela. Ku'*number* 177 sekw'ezwakala ukuti *njengaloko kwati ngokwona kwamunye bonke abantu bavelelwa ukujeza, kanjalo nangokulunga kwamunye bonke abantu balungiswa, balungiselwa ukupila.* [2]) E! Ukujeza, ukulahlekelwa ixotsho eliewebisayo belu, kukatolike; kanjalo nokulungiselwa ukupila ngokubuyiselwa lona kukatolike.

Kwazis' ukuti, njengoba umSindisi ekatolike, eng'owabantu bonke pela bakuwo wonke umhlaba nabezikati zonke, kanjalo ne-Bandhla lake likatolike, limelwe ukuba elabantu bonke belu bakuwo wonke umhlaba nabezikati zonke.

Po-ke njengaloku iBandhla lika'Jesu likatolike, kwenziwa y'ini ukuba abanye, abanjengamaqaba, bangamkonzi uNkulunkulu ong'uye, abanye, abanjengaba**ma**bandhla ati aka'Jesu, bangalivumi iBandhla lake na? Kwenziwa ngoba uNkulunkulu kapoqi 'muntu eselapa emhlabeni (*numbers* 95, 100). Yena ngokwake ulungisele *bonke* iBandhla lake; uma kukona abangalivumi ngelabo icala, ng'elabo njalo.

256. Njengoba uNkulunkulu emunye, isintu sisinye, uJesu emunye, isiminya sisinye, u'mibuso 'mingaki, u'mabandhla 'mangaki na?

Njengoba uNkulunkulu emunye, isintu sisinye, uJesu emunye, isiminya sisinye, u'mbuso munye, u'bandhla linye.

UNkulunkulu munye, isintu sinye: ke, isintu sinye lesi sonke satola icala ku'Nkulunkulu munye. Kwavela-ke inDodana ka-'Nkulunkulu, yaba umSindisi; ke, lo'mSindisi 'munye walungisela sonke isintu lesi sinye ku'Nkulunkulu munye. Isiminya sika-'Nkulunkulu sinye, loku isiminya siy' into ekona , eyona yoba into ekona nanini, noma umuntu esuka eyipika, eyiguqula, ey' enza-ni. Po, kunjalo nje, angiti nengane ingazibonela ukuti umbuso *wenkosi inye* munye, ukuti-ke umbuso *ka'Nkulunkulu munye* munye; ukuti umbuso *ka'Kristo munye* munye; ukuti umbuso *wezulu linye* munye, ukuti umbuso wokubusa *isintu sinye* esasindiswa ng'*uKristo munye* munye. Ke, lo'mbuso uy'ini unge'liBandhla lika'Kristo na? Linye-ke iBandhla lika-'Kristo. *Ukuba namhla kukona amabandhla a'makulukulu ati aka'Kristo, kuy'into epambene nenggondo,* ukupela kwendaba. Watsho kudala uPaulus ocw., wati: *Konje, wahlukene (yedwa) yini uKristo na?*»[3])

[1]) 1. Joh. 2, 2.—[2]) Rom. 5, 17.—[3]) 1, Kor. 1, 13.

C.

Es'evukile kwabafileyo, es'ezaubuyela ezulwini.

257. Ukulungisela iBandhla es'evukile kwabafileyo, uJesu w'enza-ni na?

Ukulilungisela iBandhla es'evukile kwabafileyo, uJesu «wabonakala ku'bApostole pakati kwezinsuku ezi'ma40, wakuluma ngombuso wezulu».*)

Nangu esakwenza kona loko, aekade ekwenza engakafi, ebalungisela abApostole ukuquba umsebenzi wake, uma engaseko, ebafundisa, ebacasisela *konke okwombuso wezulu, okweBandhla lake pela.* Aike, imvama yaloko akubalwanga enCwadini ey'ingewele, siyakwazi kodwa ngemfundiso enikezelweyo.

258. Ng'amapi amandhla amakulu, uJesu owabapa wona abApostole, es'evukile kwabafileyo, na?

Amandhla amakulu, uJesu owabapa abApostole, es'evukile kwabafileyo, ng'awokutetelela abantu izono nokubabapatiza.

Okutshiwo lapa ku'*numbers* 257 & 258 sekwapatwa ku'*number* 187.

259. Wat'uma es'ezaubuyela ezulwini, uJesu wati-ni ku-'Petrus?

Wat'uma es'ezaubuyela ezulwini, uJesu wati ku'Petrus, akamalusele izimvana nezimvu zake.

T. t. 85.—Konke okunye, uJesu owaelungisela ngako iBandhla lake, waes'ekwenzile. Kwakusasele into inye, yona leyo esesayikomba ekugcineni kuka'*number* 253, yona leyo, owaemtembisile uPetrus kakade ukuti uyakuy'enza, njengoba sekw'ezwakala ku'*numbers* 249—251. Nembala waes'esigcwalisa isitembiso sake ngokuba wati kuye: «*Y'alusa izimvana zami! Y'alusa izimvu zami!*», okung'ukuti: y'alusa abang'abantwana, y'alusa nabang'oyise naonina babo, amakolwa nabApostole, *umhlambi wonke* pela.

Le'ndaba iy'aziwa kakulu ngevangeli lika'Johannes ocw. Aike, njengaloko nganxanye onke amabandhla epika ukuti uJesu washiya umBambeli wake, nokuti umBambeli lowo ng'uPetrus, nganxanye-ke evuma ivangeli lelo, loku emaBaibeleni awo likona lona lonke, kufanele ukuba sicasisele le'ndaba.

1. *UJohannes wabala nini ivangeli lake na?* Walibala, amanye amavangeli es'eneminyaka abalwa. Walibala, bonke abApostole bengaseko, noPetrus uqobo es'eneminyaka wanqanyulezwa eRoma, sekung'uKlemens ong'"uPetrus" kumbe uPapa

*) Enz. 1,3.

wesi4, abanye ababili ababemlandele uPetrus bengaseko nabo.

2. *Waepi elibala na?* Waes'eEfesus kwelas'eAsia, lapo kwakukona izikolo eziningi ezazimiswe uye nabanye abApostole nabafundi babo. Wati eng'umApostole uqobo, 'aziwa futi ukuti waey'isitandwa sika'Jesu, w'aziswa kakulu kakulu amakolwa alé.

3. *Ivangeli lake walibalela-ni na?* Walibala ngoba kwasokuvele abafundisi bamanga (amaGnostiki) ababefuna ukuti, uKristo uJesu kasiye uNkulunkulu. Walibala-ke ivangeli, waliqeda lapo kukaula kona isahluko sama20.

4. *Es'eliqedile, waxumela-ni isahluko somuvo wama20 na?* Pela, akuluma ngabo kakulu kona, ng'uJesu es'evukile kwabafileyo, noPetrus, naye-ke uqobo.

Naku akutshoyo kona: *Bati sebedhlile ukudhla kwas'ekuseni, uJesu wati ku'Simon uPetrus: "'Simon ka'Johannes* (uJonas), *uyangitanda yini ngotando oludhlula olwalaba na?" Wati kuye: "Yebo, 'nKosi, uy'azi ukuti ngiyakutanda." Wati-ke kuye: "Y'alusa imvana zami!" Waes'eti kuye okwesibili: "'Simon, ka'Johannes, uyangitanda na?" Wati kuye: "Yebo, 'nKosi, uy'azi ukuti ngiyakutanda." Wati kuye: "Y'alusa imvana zami!" Waes'eti kuye okwesitatu: "'Simon ka'Johannes, uyangitanda yini na?" Lapo-ke uPetrus wadabuka, ngokuba Yena waes'ete katatu "uyangitanda na?"* (pela, uPetrus waezibonela ukuti uJesu wamkumbuza ukuti waempike katatu). *Waes'eti kuye: "'NKosi, uyakwazi konke, uy'azi ukuti ngiyakutanda." Waes'eti kuye uJesu: "Y'alusa izimvu zami!"*[1])

Naku-ke agcina ngako, uti: «(UJesu) *wati* kuye (uPetrus); *"Ngilandela!" Wat' eguquka uPetrus wambona lowo 'mfundi ab'emtanda uJesu, elandela; yena lowo owat' uma ecambalalele ukudhla kwakusihlwa, w'enqika esifubeni sake, wati: "Nkosi, ubá ozaukukapela na?" Ke, uPetrus ebonile lo, wati ku'Jesu: "'Nkosi, lo kanti, koti-ni?" Ati uJesu: "Ngifuna ukuba ahlale kanjalo, ngize ngifike, wena una'ndaba-ni na? Wena, ngilandela nje!" Ngaloko kwavela ukukuluma loko pakati kwabazalwane, ukuti, umfundi lowo* (uJohannes) *kana'kufa. Kanti uJesu way'engatshongo kuye ukuti: "Kana'kufa", wati nje: "Ngifuna ukuba ahlale kanjalo, ngize ngifike; wena una'ndaba-ni na?" Lo ng'umfundi lowo ofakazela loku, oyena ebalile loku; siy'azi ukuti umfakazelo wake uy'isiminya.* [2]) Kuy'ezwakala-ke ukuti uPetrus, eqabuka enikwe isikundhla esikulu leso sokumbambela uJesu, watemba ukuti noJohannes, ey'isitandwa sika'Jesu, us'ezaunikwa esinjalo.

[1]) Joh. 21, 15-17.—[2]) Joh. 21, 19-24.

Aike, kukona izazi zeBandhla eziti, emakolweni as'eAsia aekona amaningi ati, uPetrus lowo, empike uJesu katatu, kasiye umBambeli ka'Jesu; ati, noma waeng'uye, kaseko; ati, ofanele ukuba mkulu eBandhleni lonke, ofanele ukuba ikanda lalo, ofanele ukuba umBambeli ka'Jesu, kung'uJohannes, umfundi lowo owaetandwa uJesu, eng'umApostole uqobo, owatenjiswa ukuti kayikufa. Ziti-ke izazi lezo, uJohannes wat'ukuzwa loko, wabala isahluko leso, efuna ukufakaza ukuti, qa, akuyena, kung'uPetrus owatshelwa uJesu ukuba amalusele wonke umhlambi wake, efun' ukufakaza nokuti, uJesu katshongo ukuti kayikufa (uJohannes belu).

Aike, noma nga izazi lezo bezingaqinisile, limi iqiniso lokuti, la iBandhla selapatwa uPapa wesi4, uJohannes, umApostole ka'Jesu, wafakaza kuleso 'sahluko sevangeli lake ukuti, ng'uye uPetrus ong'umBambeli ka'Jesu emhlambini wake wonke.

Nas' isaga sesiLatini sokuti:

"Ubi Petrus, ibi Ecclesia",

okung'ukuti:

"Lapo kukona uPetrus, kulapo la kukona iBandhla."

d.

Ukulilungisela iBandhla sokuyapelela.

260. Ukulungisela iBandhla lake, uJesu wakuqedela ngokwenza-ni na?

Ukulilungisela iBandhla lake, uJesu wakuqedela ngokulitumela uMoya ocwebileyo.

UJesu wati ku'bafundi bake: *Ngiya k'ongitumileyo; ke, amuko kinina ongibuzayo ukuti, uya-pi na? Kanti ngokuba ngitshilo loku kinina, inhliziyo yenu igcwele usizi. Kepa ngiyanitshela isiminya ngiti, kuhle kinina ukuba ngihambe ngoba, uma nginyamuki, isiSizi asiyikuza kinina; kepa uma ngimukile, ngiyakunitumela sona. Sot 'uba sifike, sidelise umhlaba ngendaba yokwona, neyokulunga, neyokunqunywa kwecala. . . . Kusekuningi engánginitshela kona; kepa anikabi na'mandhla okukwetweswa. Kanti lapo us'ufikile uMoya lowo wesiminya, uyakunifundisa sonke isiminya. Ngoba angikuzikulumela okwawo, qa, uyakukuluma konke oyaukuzwa, un'azise nokuzayo. Wona uyakungidumisa mina, ngoba uyakutata k'okwami, un'azise kona.*»*)

Ngosuku lwepentekoste kw'enzeka esikutshilo ku'*number* 254

*) Joh. 16, 5-8. 12-14.

ekugcineni; umzimba weBandhla, owaus'udaliwe ngokubonga kwas'onqamlezweni, wapiliswa ngokutunyelwa uMoya ocw. (*numbers* 236—240).

261. Seloku iBandhla lika'Jesu liy'into ekona, uyiló elikweza kanjani na?

Seloku iBandhla lika'Jesu liy'into ekona, uyiló elikweza ngokuba Yena noMoya ocw. behlezi nalo, nangokukweza iTshe al'ake kulo nesiSekelo sonke esing'abApostole.

Es'ezakwenyukela ezulwini, uJesu wati: *Naku, ngihlezi nani yonke imihla kuze kupele umhlaba.* [1]) Ngelinye ilanga waes'ete: «*Mina ngiyakuncenga uBaba, yikona eyakunitumela esinye isiSizi, sihlale nani kuze kube pakade, uMoya belu wesiminya, umhlaba ongewamukele, loku ungawuboni, ungawazi; kepa nina niyakuwazi, ngoba uyakuhlala nani nangoba uyakuba pakati kinina. Ukunishiya kwami, aniyikuba izintandane, ngiyakufika kinina.*» [2])

UJesu wahamba, wabuyela ezulwini; kwasala *itshe eling'uPetrus nesisekelo esing'abApostole,* [3]) kokubili kuhlezi-ke, kusahlezi nanamhla, njengoba kuzauzwakala pambili.

Ukulungisela iBandhla lake. esekona. uJesu waelilungisela

1. ukuba libe el'akiwe eTsheni eling'uPetrus nas'esiSekelweni esing'abApostole;

2. ukuba libe linye, libe 'bunye;

3. ukuba libe eliy'ingewele. libe elokuewebisa nokulungisa abantu;

4. ukuba libe elikatolike. libe elakuwo wonke, elezikati zonke, elabantu bonke.

II.

IBandhla selimisiwe.

1.

AbApostole besekona.

262. Yizip' izinto, abApostole abalilinganisa nazo iBandhla, na?

Izinto, abApostole abalilinganisa nazo iBandhla, y'indhlu nomzimba.

[1]) Matth. 28, 20. — [2]) Joh. 14, 16-18. — [3]) Ef. 2, 20.

1. Indhlu: — Lapo ul'aulus ocw. ekuluma emakolweni ab'ekade eng'amaqaba, uyacasisela ukuti akuse abakwa'Israel bona bodwa abang'abombuso ka'Kristo. Ab'es'eti: *Ngako-ke anise`bafokazi nezifiki nje, sening'abombuso munye kanye nabacwebileyo* (abakwa'Israel), *sening'abakwa'Nkulunkulu, n'akiwe pezu kwesisekelo esing'abApostole nabaprofete, uKristo uJesu uqobo el'itshe las'engonini; ke, indhlu yonke, e'kwakiwa kwayo kuhlanganiswa into nento, ipakama ize ibe l'itempele eliy'ingcwele enKosini; aike, ukwakiwa kwalo, liy'akiwa nangani nina ngoMoya* (ocw.), *kube y'indhlu ka'Nkulunkulu.* [1]) Nangu-ke noPetrus ocw. etsho njalo, eti: *. . . inKosi* (uKristo)*; nati sisondela kuyo, il'itshe elipilayo, elalahlwa kambe abantu, kepa laketwa l'aziswa kakulu ng'uNkulunkulu nani sekungati ning'amatshe apilayo, niy'akiwa pezu kwalo, nibe y'indhlu yokwomoya . . . Kungako-ke imiBalo iti: "Naku! Ngibeka eSion itshe las'engonini, eliy'inhloko, eliketiweyo, el'aziswayo; kwoti osuk' ekolwa kulo angayajabiswa." Nina-ke niyakudunyiswa, nina belu eniamakolwa; kwabangakolwayo itshe elalahlwa ng'abaki l'ilitshe las'engonini, l'itshe lokukuba, l'itshe lokwonisa, (liyilo belu) kwabakutshwa izwi bengalikolwanga ab'akiwe kulo.* [2])

2. Umzimba: — UPaulus ocw. uti: *Njengoba umzimba umunye, nanjengoba umezito eziningi noko, nanjengoba zonke izito zomzimba, nakona ziziningi, zi'mzimba munye noko, unjalo noKristo. Kungoba, ukubatshatizwa kwetu ngoMoya munye, tina sonke sibatshatizelwe ukuba ng'umzimba munye, noma siamaJuda noma amaqaba, noma izigqila, noma abazipeteyo; futi tina sonke sapuziswa ng'uMoya munye. Ngobapela nomzimba au'sito sinye nje, u'zito 'ziningi. Ukuba nga unyawo luti: "Loku ngingc'sandhla, angi'sito somzimba", konje ngaloku alusiso yini isito somzimba, na? Nokuba nga indhlebe iti: "Loku ngingc'liso, angi'sito somzimba", konje ngaloku aisiso yini isito somzimba na? Uma wonke umzimba ul'iso, ukuzwa kupi bo? uma wona wonke uy'indhlebe, ukuhogela kupi na? Kanti naku-ke! UNkulunkulu ufake izito emzimbeni, yileso naleso, njengoba watanda. Ke, uma zonke bezi'sito sinye, umzimba ub'uzauba-pi na? Kepa into ekona, izito ziningi, kanti umzimba munye. Kunjalo nje, iso alina'kuti esandhleni: "Angisweli ukusizwa uwe", futi ikanda alina'kuti ênyaweni: "Kanginisweli nina", inganti izito zomzimba ezingatiti ng'ezi'butakataka kakulu, yizo eziswelekile kakulu; nalezo 'zito zomzimba esongati zimbana, yizona esizimboza ngokuhlonipa okukulu, nokubang' inhloni kuyahlo-*

[1]) Ef. 2, 19-22. — [2]) 1. Pet. 2, 3-8.

nitshwa kakulu. Ke, lezo 'zito zas'emzimbeni wetu ezingabangi 'nhloni kazisweli 'luto; pela, uNkulunkulu ulinganisele kahle umzimba, 'enze ukuba kuhlonitshwe kakulu loko okuswel' ukuhlonitshwa, yikona kungayikubako ukwahlukana emzimbeni, izito zinakekelane ngokulingeneyo. Kungako-ke, uma kuhlupeka isito esitile, zonke izito ziyahlupeka kanye naso; uma kuhlonitshwa isito esitile, zonke ziyajabulisana. Ke, nina ning'umzimba ka'Kristo, futi niy'izito zesito.»[1]) Kwenye indawo kutiwa: (UKristo) *ubeke abanye babe ng'abApostole, abanye babe abaprofete, abanye babe abevangeliste, abanye babe abalusi nabafundisi, 'enzela ukuba abacwebileyo babe abapeleleyo, 'enzela futi umsebenzi wenkonzo nokwakiwa kwomzimba ka'Kristo, size sifinyelele sonke ebunyeni bwokolo nobwokwazi inDodana ka'Nkulunkulu, sibe umuntu opeleleyo, sifinyelele emkaulweni wobudala obupeleleyo buka'Kristo, singabe sisaba izingane ezitshukutshukuzwayo ngamadhlambidhlambi, zitengatengiswa y'imimoyamoya yemfundiso ngobubi bwabantu nangamaceebo, size sibe s'endhleleni engeyiyo yokupambeka. Asiti-ke, s'enza (okutshiwo) isiminya s'enziswa l'utando, sikule kuko konke sikuliswa ng'uye ol'ikanda, uKristo, njengaloko wonke umzimba, o'zito zawo zihlanganiswe, zijobelelaniswe ngawo onke amalungu namaqupa asebenzisana njengomsebenzi ofanele ukusetshenzwa yileso naleso 'sito, ukulisa wonke umzimba, uz'ake wona wakiswa l'utando.* [2]) Kutiwa-ke futi: (UNkulunkulu) *ubeke konke pansi kwênyawo zake* (uKristo), *yena uqobo-ke umbeke abe l'ikanda leBandhla lonke, elona ling'umzimba wake.»* [3])

AbApostole, belinganisa ngendhlu nangomzimba, bayakuluma ngezindhlu yini, bayakuluma ngemizimba yini ka'Kristo uJesu na? Inye indhlu ka'Kristo, munye umzimba wake, munye umbuso wake, linye iBandhla lake.

263. AbApostole babekwenza yini loko, uJesu owaebafundisele, ebalungisele kona na?

Yebo, abApostole babekwenza loko, uJesu owaebafundisele, ebalungisele kona, bequba wona lowo 'msebenzi owaewusebenza esekona.

Bashumayeza abantu, b'enza izimangaliso, bakipa amademone, babapatiza abantu, bab'ehlisela uMoya ocw., babatetelela izono, babanika inyama negazi elibongile lika'Jesu, bageoba abagulayo, b'alusa izimvu zika'Jesu, babandhlulula ezimbi, bakweza yona leyo 'mfundiso ababeyifundiswe uye, belahla yonke imfundiso engeyiyo.

[1]) 1. Kor. 12, 12-27.— [2]) Ef. 4, 11-16.— [3]) Ef. 1, 22-23

264. UPetrus wasigcina yini isikundhla owaenikwe sona ng'uJesu na?

Yebo, uPetrus wasigcina isikundhla sokubambela uJesu lapa emhlabeni owaesinikwe uye.

UJesu es'ebuyele ezulwini, ng'uye uPetrus owati, akuketwe omunye ku'bafundi, atole isikundhla sobwApostole, abe s'endaweni ka'Judas. T. t. 87.—Ng'uPetrus owaqala ukushumayeza abantu, uMoya ocw. sowehlile. T. t. 88.—Uye uPetrus owaqalisa ukwamukela iqaba eBandhleni. T. t. 97.—Ng'uPetrus owanquma indaba yokolo eyakulunywa emHlanganweni wokuqala weBandhla. T. t. 100.—Ng'uye uPetrus ow'esuka wahamba waya'kuhlola iBandhla lonke elaselivelile ngokusebenza kwabanye abApostole; ngoba kwati abanye abApostole sebehambile beyoshumayeza abantu eJudia nas'eGalileya nas'eSamaria, uPetrus waesahlezi esikolweni esing'"uNina wezikolo zonke", ngitsho belu esas'eJerusalem. *Kulo lonke iJudia neGalileya neSamaria iBandhla lahlala lingafundekelwa 'muntu, l'akiwa, lihamba lihanjiswa ng'ukwesaba inKosi, lagcwala insizo yoMoya ocw. Kwati-ke uPetrus es'ehambela ezofika kubo bonke, wafika . . .* [1])

Ng'uPetrus ohlaulisa amakolwa ab'eqalisa ukungalaleli nokukohlisa. T. t. 90.—Ng'uye uPetrus olahla lowo owaqalisa ukufundisa amanga, uSimon otiwa uMagus (okutiwa ngesiNtu isAngoma).[2])

E! kuyabonakala-ke ukuti uPapa wokuqala waenza *konaloko, nako konke loko,* okus'enziwa nanamhla ng'uPapa.

265. Abanye abApostole babemazi, bamvuma yini uPetrus ukuti ung'umBambeli wenKosi uqobo, uJesu, na?

Yebo, abanye abApostole babemazi, bamvuma uPetrus ukuti ung'umBambeli wenKosi uqobo, uJesu, bemvuma ngabakubalile nabakwenzile.

UMattheus noLukas noMarkus, lapo belanda amagama abApostole, bayaqala ngoPetrus. Nang'uMattheus eti: «*Owokuqala uSimon otiwa ng'uPetrus.* [3]) ULukas, isAndhla sika'Paulus, uti: «(UJesu) . . . *waketa aba'i12 . . .: uSimon,* (uJesu) *owabuya wati ung'uPetrus* . . . [4]) UMarkus, isAndhla sika'Petrus, uti: «*Waketa aba'i12 . . . wamqamba-ke uSimon igama lokuti uPetrus,* (waketa) *noJakob* . . . [5]) Pela, uPetrus ung'*owokuqala,* ai ngoba uye owaqala ukubizwa ng'uJesu, loku kung'uAndreas owaqal' ukubizwa; kasiye futi owokuqala ngoba ng'uye owatandwa kakulu ng'uJesu, kung'uJohannes owatandwa kakulu.

[1]) Enz. 9,32.—[2]) Enz. 8,8-24.—[3]) Matth. 10,2. —[4]) Luk. 6,13-14.—[5]) Mark. 3,14. 16-17.

Ung'owokuqala *ngoba eng'uPetrus*, el'itshe pela lelo elisekela iBandhla lonke: ung'owokuqala ngoba bonke bab'azi ukuti ung'owokubambela uJesu, uma engaseko lapa emhlabeni.

Kanjalo emavangelini nakwezinye izincwadi zabApostole kuyafunyaniswa kaningi nje ukuti: »oPetrus benabanye«. Akufunyaniswa 'ndawo ukuti: oAndreas benabanye, kumbe, oJohannes benabanye, kumbe, oPaulus benabanye. Kwazis' ukuti abApostole babemazi uPetrus ukuti ng'uye omkulu, ng'uye pela oy'indun' enkulu yenKosi uJesu.

AmaProtestante ati, eBaibeleni kuzwakala ukuti uPaulus akamvumanga uPetrus ukuti umkulu eBandhleni lonke. Incwadi ayikombayo kakulu, yileyo uPaulus ayibalele abas'eGalatsia. Ke. ngokubaliwe kona ekupeleni kwesahluko soku1 nas'ekuqaleni kwesesi2[1]) wonk' umuntu osileyo angazibonela ukuti apambekile impela, loku kuzwakala kona ukuti uPaulus waazisisa ukuti "uPetrus", "uKefas" ul'ikanda leBandhla. Kepa, ati amaProtestante, izwi lomuvo lesahluko sesi 2 nalandelana nalo afakaza obala ukuti uPaulus kamvumanga uPetrus. Kanti into ekona, yiwona lawo 'mazwi ahlalukisa kakulu ukuti wamazi, wamvuma umBambeli ka'Kristo, ngobapela kungenxa yaloku ukuba (uPaulus) *wamelana naye* (uPetrus) *ubuso ngobuso, ngoba wasoleka* .[2])

Indaba eyabangwa lapo nansi. Amakolwa ab'eng'amaJuda ati, kuswelekile ukuba onke amakolwa, navela ezizweni, alonde wonke umteto ka'Moses. Manje-ke, emHlanganweni wabApostole uPetrus wanquma indaba ngokuti, amakolwa kana'mteto wokulonda umteto ka'Moses. Emva kwaloko uPetrus wafika eAntiokia, lapo kwasekukona isikolo esikulu samakolwa aevele ezizweni. UPetrus wahlala nawo, wadhla nawo, engasalondi umteto ka'Moses. Kwati-ke uma kufika amakolwa ab'eng'amaJuda, avela eJerusalem lapo kwakusalondisiswa umteto ka'Moses, uPetrus waxakeka, engatandi ukukubekisa wona; waes'ebuya walonda umteto ka'Moses. Kulapo-ke la uPaulus wamelana naye ubuso ngobuso, wamsola, ebona ukuti loko 'kwenza kwekanda leBandhla kuzaupitizisa lonke iBandhla, amakolwa avele ezizweni eng'azi ukuti uPetrus 'enzela nje ukungakubekisi amaJuda lawo. Nembala aengatemba ukuti, uPetrus, enge'mApostole nje, eng'umBambeli ka'Kristo uqobo, us'elahla yini konje izwi lake, aenqume ngalo indaba leyo yokulonda umteto ka'Moses. E! UPaulus, esuka esola uPetrus, wasuswa yini-ke? Wasuswa yiko ukwazi ukuti uPetrus umkulu kubo bonke.

Ukufakaza kuka'Johannes kufundakala ku'*number* 259.

[1]) Gal. 1,18. 22.—[2]) Gal. 2, 11.

266. UPetrus waeng'umBishopu wapi na?

UPetrus waeng'umBishopu was'eRoma.

Kuqala waeng'umBishopu was'eAntiokia. Waes'eshiya isikolo sakona ezandhleni zika'Evódius, wahamba waya eRoma, waba umBishopu wakona waza wafa (ngonyaka 67 kumbe 68).

267. Ukwaka kwabo iBandhla, abApostole b'enza njani na?

Ukwaka kwabo iBandhla, abApostole bamisa izikolo.

Isikolo y'indawo lapo kukona **ukolo**; kus' **esikolweni**, la kukona «**amakolwa**».

Isikolo sokuqala ng'esas'eJerusalem. T. t. 88, 89, 92. Kwasokuvela izikolo eSamaria T. t. 93., nas'eJudia nas'eGalileya, eFenikia, eKiprus, eSiria (eDamaskus). T. t. 95. Isikolo esikulu savela eAntiokia. T. t. 99. Kwamiswa eziningi izikolo nas'ePamfilia, eKilikia, eLikaonia, eListra, eFrigia, eGalatsia, eMisia, eMakedonia, eFilippi, eThessalonike, eBerea, kwelamaGreke (eAthene T. t. 101., eKorinth), eKolosse, eArabia (India), eKappadokia, eBitinia nakwezinye nje izindawo. Isikolo esikulu sas'eAsia okutiwa omncane, ng'esas'eEfesus. Kwati kusamiswa lezi 'zikolo emazweni as'empumalanga, sasesivele esas'*eRoma*.

Aike, kuy'ezwakala ngezinewadi zas'endulo ukuti nakwamanye amazwe namadolobo, a'magama awo engas'aziwa, zasezikona izikolo. Kuyabonakala ukuti, ukufa kuka'Johannes ocw. (ngonyaka 100 kumbe 101), abanye abApostole bekade bafa, iBandhla lika'Jesu 'Kristo laselinezikolo kuwo onke amazwe aenqikene no*Mediterranean*, nas'eAfrika las'enyakato pela; nas'emazweni as'e*Europe* las'enyakato sezaqala ukuvela.

268. Yileso naleso 'sikolo sasiy'ini na?

Yileso naleso 'sikolo sasing'umpakati wamakolwa owaupatwa abakulu.

Isango lokungena esikolweni kwakung'umbapatizo.

269. Abakulu ababepete izikolo lezo ng'abapi na?

Abakulu ababepete izikolo lezo ng'abApostole nababemiswa yibo: ababishopu, abapriste, abadiakone.

Lawa 'mazwi avele esiGrekeni omatatu. Elokuti «umbishopu» (epískopos) liti «umbeki», induna belu epete abantu. Elokuti «umpriste» (presbyteros) liti «omdala», ilunga; kwazis' ukuti kwakung'abadala abatola lesi 'sikundhla, noma bebadala ngeminyaka, noma ngokuba sebevutiwe ngempela. Elokuti «udiakone» (diákonos) liti «isisizi», isandhla belu sababishopu nabapriste.

Ababishopu yibo abokugcina isikundhla sabApostole kulezo

'zikolo, abApostole ababengeko kuzo, nakulezo ezasezifelwe yibo. Kanjalo eAntiokia uEvódius walandela uPetrus. Kanjalo noPaulus wat'um' es'emise isikolo eKreta, washiya uTitus abe umbishopu wakona, wamshiya namandhla futi okumisa abanye ababishopu nabapriste;[1]) w'enza njalo naku'Timoth.[2]) Kanjalo futi uJohannes ocw. w'enza uPolikarp umbishopu was'eSmirna, uIgnátsius owas'eAntiokia.

Abapriste ng'abokusiza ababishopu: Enz. 11,30; 14,22; 15,2; 21,18. 1. Pet. 5, 1-5. Jak. 5,14.

Abadiakone ng'abokusiza ababishopu nabapriste: T. t. 92. 1. Tim. 3,12. 13.

UKlemens ocw., umfundi wabApostole, owaba uPapa wesi4, uti kwenye incwadi yake: AbApostole, bebona ukuti kungapikiswana ngesikundhla sobubishopu, bamisa abakulu beBandhla, babavumela nokugcina isikundhla leso besekona, yikona koti, uma sebefile, kube kona amadoda akwaz' ukugcina isikundhla sabo.

270. Ukumisa ababishopu nabapriste nabadiakone, abApostole b'enza njani na?

Ukumisa ababishopu nabapriste nabadiakone, abApostole babakulekela, b'elula izandhla bazibeka pezu kwabo, bab'amukelisa kanjalo uMoya ocwebileyo.

Naku kutiwa: *Bati begcinela inKosi inkonzo, beziI' ukudhla, uMoya ocw. wati kubo: "Ng'ahlukaniseleni uSaulus noBárnabas, nib'ahlukanisele umsebenzi engibabizele wona". Basebezila ukudhla, bakuleka, babeka izandhla pezu kwabo, babadedela-ke. Bona, sebey'izitunywa zoMoya ocw., bahamba . . .* [3]) Kutiwa futi: *Baketa uStefan . . . noFilipp* (noBanibani) . . . *babamisa pambi kwabApostole, bona-ke babeka izandhla pezu kwabo bekuleka.* [4]) Kuy'ezwakala nangakutshoyo uPaulus ku'Timoth, eti: *"Mus' ukungalinaki ixotsho elikuwe, olixotshiswe ngezwi lika'Nkulunkulu elikanyekanye nokubekwa izandhla zabapriste".*[5]) eti futi: *Ngenxa yaloku ngiyakukumbuza ukuba ubuye uvuselele ixotsho lika'Nkulunkulu elikuwe ngokubekwa izandhla zami.»* [6])

271. Kwaku amakolwa yini anika abakulu amandhla ngokubamisa na?

Qabo, kwakunge amakolwa, ng'abApostole abanika. abantu ababiziwe uNkulunkulu amandhla ngokubamisa.

---

[1]) Tit. 1,5.—[2]) 2. Tim. 1,6. 1. Tim. 5,20. 2. Tim. 2,2.—[3]) Enz. 13, 2-4.—[4]) Enz. 6,5-6.—[5]) 1. Tim. 4,14.—[6]) 2. Tim 1,6.

Pela, akusiwo amakolwa *onke*, akusibo abApostole *bonke*, futi uJesu owaeti kubo, uyakwaka iBandhla lake pezu kwabo; *ng'u-Petrus yedwa*. Futi, amandhla okubopa nokutukulula, okutetelela izono, okupendukisa isinkwa newaine, nawani nani, uJesu kanikanga wona amakolwa *onke*, ng'*abApostole bodwa* owabanika wona. Futi, yibo *abApostole bona bodwa* ababuya banika abanye wona lawo 'mandhla. Futi, abApostole abatshongo nakanye ukuti ababishopu nabapriste nabadiakone, ababemiswe yibo, batole amandhla abo empakatini wamakolwa. *UPaulus . . . wat'efikile eMilet, watumela eEfesus, wabiza ababpriste beBandhla. Sebefikile-ke behlangene, wati kubo: « . . . Zinakeni, ninake nomhlambi wonke uMoya oew. onifake kuwo, unifakele ukuba ababishopu* (ababeki), *wenzel' ukuba n'aluse iBandhla lika'Nkulunkulu, azizuzele lona ngelake igazi.*» [1]) Po, eti, yiwo uMoya oew. obafake emhlambini b'aluse umhlambi, iBandhla pela—yiwo umhlambi yini konje ozifakela abalusi bawo na? Umhlambi wênkomo, yizo izinkomo konje ezisuka ziziketela umalusi wazo, ziti kuye: Wena 'bani, tina 'zinkomo sesiyakunika amandhla okus'alusa, na? Akuso umnumzana, akuso umnini 'nkomo yini ofaka umalusi emhlambini wênkomo zake na?

Futi nang' uPaulus oew. eti kwenye indawo: *Siti sibambela uKristo siy'izinduna eziy'izitunywa, kungati ukululeka kwetu ng'ukululeka kuka'Nkulunkulu.* [2]) Po-ke, bey'izinduna eziy'izitunywa, bay'izinduna zalowo abambambele; ke, lowo abambambele, naku kutiwa, ng'uKristo, ai umpakati wamakolwa. Nembala ng'umpakati wamadoda yini onamandhla okususa induna ey'isitunywa na? Qabo, y'inkosi yona yodwa engayisusa. Futi, ukululeka kwezinduna lezo, kuyatshiwo yini ukuti kung'okwompakati wamakolwa na? Qabo, ng'okuka'Nkulunkulu, loku naku zing'umlomo wake. *Njalo-ke makab'es'azi umuntu* (tin' AbApostole) *ukuti siy'izinduna zika'Kristo nabamukelisi bêmfihlo zika'Nkulunkulu.*» [3])

272. Zonke izikolo ezavela abApostole besekona zaziamabandhla yini ka'Jesu na?

Qabo; zonke izikolo ezavela abApostole besekona zazil'iBandhla lika'Jesu.

Kweziningi izindawo zas'enCwadini ey'ingew. kuyakulunywa ngeBandhla linye lika'Nkulunkulu opilayo, eliy'insika nesisekelo sesiminya, eliy'indhlu ka'Nkulunkulu. [4]) Ke, njengaloko kwezinye izindawo zas'enCwadini ey'ingew. izikolo sas'ekutini nesas'e-

[1]) Enz 20,17-18. 28.—[2]) 2. Kor. 5,20.—[3]) 1. Kor. 4,1.—[4]) Enz. 20,28. 1. Kor. 15,9. Gal. 1,13. Ef. 1,22; 5,25. 27. 32. 1. Tim. 3,5. 15.

kutini, kutiwa, l'ibandhla, kwaziwa ngani ukuti izikolo lezo eziningiingi zazingeso amabandhla ka'Jesu, ukuti pela zazil'iBandhla, na?

Kwaziwa (1) ngokuku'*numbers* 261, 262. (2) Kuy'ezwakala futi T. t. 100, naku'*numbers* 264, 265. (3) Okus'azisa kona loku futi kung'ubunye bwemfundiso. AbApostole balahla bonke abavela nezimfundiso ezinge ezika'Kristo, zingeyilezo abApostole abaz'amukela ku'Kristo. Nang' uPaulus ocw. eti emakolweni as'eGalátsia: «*Ngimangele ngokuba nitshetshe kangaka ukucezukiswa k'owanibiza* (ku'Nkulunkulu belu owanibiza) *ngenxa yexotsho lika'Kristo* (elazuzelwa abantu ng'uKristo), *nacezukela evangelini elinye, elona lingesilo elinye* (loku ngapandhle kwelika-'Kristo kungeko 'vangeli), *ukupela nje bakona abatize abafuna ukunixobisa, befuna ukuguqula ivangeli lika'Kristo. Ke, noma tina* (abApostole) *kumbe ingelosi yas'ezulwini ib'ibika kinina ivangeli elipambene nesinibikele lona: akabandhlululwe! Njengoba naku! sesitshilo, ngiyapinda ngitsho ukuti: Uma uBani ebika kinina ivangeli elipambene nenil'amukeleyo: akabandhlululwe!*»[1]) Ukuti abApostole balwa nabafundisi bamanga, babalahla, kuyafumaniseka kweziningi nje îndawo zas'eNewadini ey'ingewele.[2])

IBandhla lika'Jesu, abApostole besekona, laling'umbuso:

***Inkosi uqobo*—uJesu uKristo, inDodana ka'Nkulunkulu, uNkulunkulu uqobo.**

***Induna enkulu yokubambela inkosi uqobo,* ingeko emhlabeni—uPetrus, umBishopu was'eRoma.**

***Izinduna ezinkulu*—abApostole.**

***Izinduna* abapriste nabadiakone.**

***Umpakati*—amakolwa onke.**

IBandhla lika'Jesu, abApostole besekona.


1. **lal'akiwe eTsheni eling'uPetrus nas'esiSekelweni esing'abApostole;**
2. **lalilinye, li'bunye;**
3. **laliy'ingewele, elokucwebisa nokulungisa abantu;**
4. **lalikatolike, ling'elakuwo wonke, elezikati zonke, elabantu bonke.**

---

[1]) Gal. 1,6-9.—[2]) Enz. 20,29. 1. Kor. 15,32. 2. Kor. 2,17. Gal. 1,8-9. Kor. 2,8. 2. Thess. 3, 14-15. 1. Tim. 4,7. 6,3. 2. Tim. 2, 25-26. Tit. 1,14. 3, 10. 1. Joh. 2,18. etc. 2. Joh. 9,10. Amb. 20,10.

Umfanekiso weTestamente elidala neTest

(W'enziwa uL



1. Ngezibalo zas'enCwadini ey'ingcwele akuqondakali noma ku-y'iminyaka emingaki, seloku kwadalwa abantu bokuqala, kwaza kwazalwa uKristo. Okuqondakala noko ng'ukuti, kungaba iminyaka engatiti y'izi6000 noma izi5000 noma izi4000. Aike ow'enza lo'mfanekiso, kubonakala ukuti ubambelele ekutini, kuy'izi5000.

2. Umcibitsholo woku1 ukomba unyaka abantu bokuqala aba-dalwa ngawo.

Umcibitsholo wesi2 ukomba isikati sokuzalwa kuka'Abraham, ukoko wabakwa'Israel, kungatiti kusey'iminyaka ey'izi2100 uKristo engakazalwa.


Umcibitsholo wesi3 ukomba isikati sokuzalwa kuka'Moses, kungatiti kusey'in1500 uKristo engakazalwa.

Umcibitsholo wesi4 ukomba unyaka uKristo owazalwa ngawo.

Umcibitsholo wesi5 ukomba unyaka uKristo owabonga ngawo

ente elitsha, okutiwa l'iBandhla elikatolike.

(Hammerstein S. J.)



onqamlezweni noMoya ocw. ow'ehla ngawo, kungati ng'unyaka wama33 uKristo azalwa. Mhla wabonga, iTestamente elitsha, iBandhla elikatolike pela, ladabuka; mhla kw ehla uMoya ocw., lapelela.

3. Kufanekiswa-ke lapa ukuti omabili amaTestamente akunye indikimba yawo, nokuti yilo iBandhla elikatolike lona lodwa okwapelela kulo iTestamente elidala. Emfanekisweni olandelana nepeji 196 kuqamile ukuti nempela emabandhlabandhleni kaliko okwapelela kulo iTestamente elidala, loku kungeko nelilodwa eladabuka ekubongeni kuka Kristo onqamlezweni.

4. Ukwanda kweBandhla elikatolike kufanekisiwe ngokwanda kwomudwa omnyama. Kwesokunene somfanekiso kukona imidwa enesibalo sokuti 50. Ke, yilelo nalelo 'bangana elipakati kwemidwana emibili lifanekisa 50.000.000.

2.

Abapostole bengaseko, kwaza kwaba iminyaka engatiti idhlula ama200 uKristo azalwa.

Kwati bonke abanye abApostole bengaseko, bebulewe bonke ngenxa yokolo, uJohannes waesekona, waza wafa naye ngonyaka 100 kumbe 101 uKristo azalwa.

273. Abafundi babApostole babewusebenza yini umsebenzi, ababewulungiselwe yibo na?

Yebo, abafundi babApostole babewusebenza umsebenzi, ababewulungiselwe yibo, bequba wona lowo 'msebenzi owausetshenzwa yibo.

"Abafundi babApostole", yilabo abalandelana nabApostole esikundhleni sobupriste, noma beababishopu noma abapriste noma abadiakone. Njengaloko abApostole (1) babefundisa abantu, (2) bab'amukelisa amasakramente, (3) bab'alusa, nabafundi babo b'enza njalo.

274. Abalandelana noPetrus esikundhleni sake b'enza-ni na?

Abalandelana noPetrus esikundhleni sake b'enza konke njengaloko waekwenza yena.

Sokw'ezwakala ku'*number* 266 ukuti uPetrus, umBambeli ka'Kristo, waba umBishopu was'eRoma waza wafa. Seloku kwaba loko, yilowo nalowo olandelana naye esikundhleni sokuba umBishopu was'eRoma ung'"uPetrus", umBambeli ka'Kristo pela embusweni wonke weBandhla lake. Ukuti nakona ekuqaleni, endulo impela, kwakwaziwa eBandhleni ukuti umBishopu was'e-Roma ung'"uPetrus", kuyabonakala ngezincwadi zas'endulo ezisekona:

1. Kwati kungakabiko unyaka we100 uKristo azalwa, *uKlemens* ocw., owesitatu owalandelana noPetrus, wabalela abas'eKorinth incwadi. Ngayo-ke*) kuy'ezwakala ukuti

(a) uKlemens, eng'umBishopu was'eRoma, waez'azela ukuti ung'"uPetrus". Kungako-ke wakulumisa okwonamandhla impela, eti, unomteto wokulungisa inxakanxaka leyo eyaivele esikolweni sas'eKorinth, eti futi, uma nga kukona abangamlaleli, sekul'icala labo.—Kuy'ezwakala futi kona ukuti

(b) wayinquma indaba, inxakanxaka leyo eyaivele ngayo,

*) izahl. 59, 1-2. 62. 63.

wati, abApostole bemise ububishopu, kamuko onamandhla okwamuka ababishopu isikundhla sabo, uma bamiswa ngokuyiko, nokugcina isikundhla sabo bengasoleki.

2. *UIgnátsius* ocw., umfundi wabApostole, umBishopu was'e-Antiokia, uti kabili encwadini ayibalele abas'eRoma: iBandhla las'eRoma lihlezi endaweni yokuqala , liyabusa, liy'inkosi. Kuy'ezwakala belu ukuti utsholo-ni; utsho ngoba umBishopu walo ung'"uPetrus", umBambeli wenKosi uJesu.

3. *UIreneus* ocw., umfundi ka'Polikarp owaeng'umfundi ka'Johannes umApostole, wat'uma es'eng'umBishopu was'eLyon, wabala incwadi etize ngonyaka 189 kumbe 192. Kuleyo 'ncwadi-ke elwa nabafundisi bamanga, uti ngeBandhla las'eRoma: Leli-'bandhla, *ngenxa yobukosi elidhlula ngalo amanye*, kuswelekile ukuba kuvumelane nalo iBandhla lonke, loku ng'ukuti, amakolwa noma eng'awapi, yingoba kulo imfundiso evele ku'bApostole iyiloku ikwezwe yibo bonke noma ng'abangapi.

4. *UTertullian*, wat'esel'ikolwa leBandhla elikatolike, wabala incwadi etiwa Skorpiace ngonyaka 203 uKristo azalwa. Esa-hlukweni se10 uti: uKristo washiya izihlutulelo zombuso wezulu ku'Petrus, nangaloku 'kuzishiya wazishiya eBandhleni lonke. Futi, noma es'ehlubukile, waesafakazela ukuti eBandhleni umBi-shopu was'eRoma waevunywa ukuti ung' umBishopu waba-Bishopu , umBishopu ku'baBishopu , o'lizwi lake libopa bonke .

5. Uma kwabonakala ukuti abaka'Montanus bafundisa eAsia okupambene nokolo, umBishopu was'eRoma [noma uViktor (189—198) noma uZefirin (198—217)], "uPetrus" pela, waba-bandhlulula.

6. *UPolikarp* ocw., esikade sikuluma ngaye, wahamba waya eRoma, waya'kubona umBishopu wakona, uAnizet (154—165), ukuba abuze kuye izindaba ezitile, abuze neyokuti, ipasika nga-ligcinwa nga'lup' usuku. *NoIreneus noHégesipp* baya kona, ba-fumde imfundiso njengoba ivele ku'bApostole . Futi, *uIreneus* wazamela abas'eAsia ku'mBishopu was'eRoma, uViktor, waba-xolisela "uPetrus" es'ezaubabandhlulula ngokuba babepikelele olwabo usuku lwokugcina ipasika—into ebonakalisa ukuti, aba-Bishopu bas'eRoma babez'azele ukuti bang'"uPetrus," nokuti amakolwa, noma ekude neRoma, ab'emvuma, emazi ukuti ung'uye "uPetrus".

7. *UCyprian**) ocw., umBishopu was'eKarthago, wabala incwadi Ngobunye bweBandhla kungatiti ngonyaka 250, wabala nezinye ezimbili; zisekona zontatu. Kulezo 'zincwadi uti: isihlalo so-

*) Yiti: uŠíprian.

bubishopu sas'eRoma yiso esika'Petrus; amandhla ombishopu was'eRoma avele ngokuba eng'"uPetrus"; ibandhla las'eRoma yilo eliy'inkosi ‹lapo kuvele kona ubunye bwobupriste.[1]) Wati uCyprian uma epikelela ukuti, ababebatshatizwe emabandhleni angeyiwo kuswelekile ukuba babatshatizwe, uma sebebuyela eBandhleni eliyilo, elikatolike pela, ng'uye uqobo owavuma ukuti umBishopu was'eRoma ung'uPetrus; wakuvuma loku nangokutuma izitunywa, ezaziyomela indaba yake lé ku'mBishopu was'eRoma. Yena-ke, uStefan, wanquma indaba ngokuti, akusweleki ukuba babatshatizwe futi (ngoba kulawo 'mabandhlana kwakusabatshatizwa ngokuyiko). Lapo-ke uCyprian waes'exabana nomBishopu was'eRoma. Kodwa into ekona: kazange apike ukuti, umBishopu was'eRoma useng'uPetrus njalo.

275. Izikolo zazisenjalo yini, njengoba kade zinjalo abApostole besekona na?

Yebo, izikolo zazisenjalo kuko konke, njengoba kadé zinjalo abApostole besekona.

1. Yileso naleso 'sikolo sasing'umpakati wamakolwa opatwa abakulu: ababishopu, abapriste, abadiakone.

(a) *Ababishopu:—UPolikarp,* esesimutshilo, uyakuluma ngabo enewadini ayibalela abas'eFilippi. *UHermas,* umfundi wabApostole, uyakuluma ngabo enewadini yake etiwa "Umalusi". *UIgnátsius,* esesimutshilo naye, uyakuluma ngabo ezinewadini ezinhlanu. Pela, nangezinye izinewadi zas'endulo kuyabonakala ukuti, omkulu empakatini wonke wesikolo esitile kung'umbishopu, nokuti, ng'uye omkulu esontweni, nokuti, ng'uye opata umhlambi wonke, ahlaulise ab'onayo, abandhlulule abangasalungiseki.

(b) *Abapriste:*—Kuyabonakala ngezinewadi zas'endulo ukuti bang'abokusiza umbishopu, betola amandhla abo kuye. *UIgnatsius* ocw. uti:[2]) kabavunyelwe ukubapatiza nokwenza "uagape" (isidhlo senKosi, imissa) ngapandhle kwombishopu.

(c) Kuzo zonke izinewadi, ekade sizitsho, kuyabonakala ukuti, umbuso oyingew. unezinduna ezi'nhlobo'ntatu: ababishopu, abapriste, abadiakone. *UTertullian* uti enewadini ayibalile "NgomBapatizo":[3]) Imfanelo yokwamukelisa isakramente lombapatizo, umprist' omkulu, umbishopu, ng'uye onayo; besokuba abapriste nabadiakone bake, ai kodwa ngapandhle kwokutsho kwombishopu.»

2. Ababishopu nabapriste nabadiakone bamiswa ng'ababishopu labo ababemiswe ng'abApostole.

[1]) 59,14.—43,5.—55,8.—[2]) kwayibalela abas'eSmirna, isahl. 8.—[3]) isahl. 17.

Kuyabonakala ukuti ababishopu labo ababemiswe ng'abApostole, abafundi babo pela, babegcina izwi lelo labApostole lokuti, abamise nabanye futi (*number* 269).

3. Kwakunge amakolwa anika ababulu amandhla; kung' ababishopu, abalandelana pela nabApostole, ababenika abanye amandhla obupriste ngokubamisa.

Kwavela umkuba wokuba, kut'uba isikolo sifelwe umbishopu, kafike ababishopu bangakona nabapriste nabadiakone, bakete otile, babuze namakolwa; ati-ke uma es'eketiwe, amiswe ababishopu (imvama kabebatatu).[1]) UCyprian ocw. uti: izindaba ezinkulu waezikuiuma njalo empakatini wamakolwa,[2]) kepa onqumayo, oyalayo, ng'uye umbishopu;[3]) ng'uye ohlaulisayo,[4]) bonke benomteto wokumlalela.[5])

276. Zonke izikolo, ezazikona abApostole bengaseko, zazi**ama**bandhla yini na?

Qabo, zonke izikolo, ezazikona abApostole bengaseko, zazil'iBandhla lika'Jesu.

1. Ukwanda kweBandhla: — Isimangaliso esikulu, esikulukazi, into pela efakazela ukuti, iBandhla lika'Jesu l'iBandhla lika'Nkulunkulu, umNini'mandhla onke, ai elomuntu nje, nansi! Lati iBandhla uba liqale ukuvela nje, laseliqala ukuzingelwa, kwaza kwabulawa amakolwa amaninginingi abApostole besekona, nabo-ke babulawa ngenxa yokolo (ukupela kwake uJohannes ongabulawanga). Nas'emva kwabApostole kwabuya kwabulawa izinkulungwane zezinkulungwane zamakolwa, kwaza kwaba ngapezu kweminyaka e'ma300 uKristo azalwa. Kepa "igazi labaFelukolo laliy'imbeu yamakolwa"; kona ebulawa amakolwa, kuzivelele amashumishumi, amakulukulu, e! izinkulungwane nezinkulungwane zabanye abasebati, naku tina nati sesing'amakolwa.

2. Ubunye bweBandhla: — Into es'obala ngempela ezinewadini zas'endulo, nansi! Njengoba abApostole babelwela ubunye bweBandhla, kanjalo nabafundi babo, nabafundiswa yibo, nabanye ababuya bafundiswa yilaba babelwela bwona, belahla, bebandhlulula bonke ababefun' ukufundisa okungavumelene "nemfundiso evele ku'bApostole". Yileso naleso 'sikolo savuma ababishopu ukuti yibo ababambele abApostole, zonke izikolo zavuma umBishopu was'eRoma ukuti ung'"uPetrus".

[1]) Izinew. zika'Cyprian ocw. 67,5.—38.—39.—Inew. 1., uKlemens ayibalela abas'eKorinth, isahl. 44.—Inew. yokw'enzeka eBandhleni (*Church History*) eyabalwa ng'uEusébius 6,43. —[2]) inew. 14,4.—[3]) inew. 14,2.—[4]) inew. 34,3.—[5]) inew. 59,5.

IBandhla lika'Jesu, abApostole bengaseko, laling' umbuso:

inkosi uqobo:—**uJesu uKristo, inDodana ka'Nkulunkulu, uNkulunkulu uqobo;**

induna enkulu yokubambela inkosi uqobo, **ingeko emhlabeni—olandelana noPetrus, umBishopu was'eRoma;**

izinduna ezinkulu—**abalandelana nabApostole, ababishopu;**

izinduna—**abapriste nabadiakone;**

umpakati—**amakolwa onke.**

IBandhla lika'Jesu. abApostole bengaseko.

1. **lal'akiwe eTsheni eling'uPetrus nas'esiSekelweni esing'abApostole;**
2. **lalilinye, li'bunye;**
3. **laliy'ingewele. elokuewebisa nokulungisa abantu;**
4. **lalikatolike. ling'elakuwo wonke. elezikati zonke. elabantu bonke.**

III.

IBandhla lika'Jesu liy'ini na?

Saqala s'ezwa ukuti, *ukulungiselwa nokudabuka kweBandhla* lika'Jesu kwaba njani. Besesizwa ukuti, lona lelo 'Bandhla lalinjani *abApostole besekoma,* nokuti lalinjani *bengaseko.* Sesingabuza-ke ukuti, uJesu walimisela-ni iBandhla lake leli na, sibuze-ke ukuti, ekuboneni kwake:

277. IBandhla lika'Jesu liy'ini na?

IBandhla lika'Jesu lil'isu lokusindisa abantu, elokusindisa pela yilowo nalowo 'muntu ngokwake.

Po-ke, akuyena uJesu uKristo, inDodana ka'Nkulunkulu, yini, owasindisa abantu na? Ng'uye, njengaloko ses'ezwa ku'*numbers* 165–179 ukuti (1) wasebenza inhlaulo yesono sakuqala neyazo zonke ezinye izono, nokuti (2) wabuyisela abantu amandhla okuxotshiswa ixotsho eliewebisayo, nokuti (3) wabasebenzela nawo onke amanye amandhla okulungiswa nokulunga.

Aike, njengoba "*uJesu wasindisa abantu bonke*", bonke sebesindile ngempela yini na? Umuntu "*usindile ngempela*", uma

efike-pi na? — uma efike ezulwini noma ehlala emelwe ukufika kona, kungas'enzeki pela nakanjani ukuba atshone esihogweni.

Ukusinda kanjalo, kungasinda 'bani na? (1) Kungasinda **okona.** Ongeko nokubako, ongakabiko, kung'enzeke nanini ukuba ab'es' esindile ngempela. Tina sonke esikona manje emhlabeni nabanye abaninginingi, njengoba sasingakabiko mhla uJesu "wasindisa abantu", sasesisindile ngempela yini ngalelo 'langa, inganti nanamhla asikasindi ngempela. Futi, ukusinda, (2) kungasinda **otandayo,** (*numbers* 95, 100). Ongeko nokubako, ongakabiko, angaba es'enquma yini, ati, ngiyatanda, ati, angitandi, na?

Kodwa into eyaing'enzeka, kwakung'enzeka ukuba uJesu, uma elapa emhlabeni, afundise abantu isiminya sika'Nkulunkulu, asishiye; kwakung'enzeka ukuba ngaleyo 'nkati asebenze inhlalulo yezono, ayishiye; kwakung'enzeka ukuba ngaleyo 'nkati asebenze amandhla okufika ezulwini (ixotsho elicwebisayo namaxotsho asizayo). awashiye, yikona wonke umuntu eyakuwafumana onke lawo 'mandhla, mhla es'ekona, mhla es'ewaswela ngoba etand' ukusinda. Ngako-ke ukuti:

"UJesu wasindisa abantu bonke"

kuti: **"UJesu wasebenzela abantu bonke amandhla okusinda."**

Onke lawo 'mandhla esetshenziwe ng'uJesu, umniniwo kung' ubá? Umniniwo, kung'uye uJesu. Uma uJesu eb'etande ukuhlala njalo lapa emhlabeni, umuntu owaswela amandhla lawo ngaeya ku'bá? Ngaeya kuye kumbe ezinduneni zake uma kukona azimisile. Njengoba ebuyele ezulwini, tin' abantu balap' emhlabeni sinawo yini amandhla okuya kuye ezulwini, sifune kona amandhla lawo na? Kasinawo.

E! Njengaloko uJesu watanda ukubuyela ezulwini, waqamba isu lokukwezela abantu *lapa emhlabeni* amandhla onke lawo okusinda. Lelo'su owaliqamba, kuyilo iBandhla lake. Yilo eliy'indhlu leyo, owavalela kuyo lawo 'mandhla, izihlutulelo ezishiya ku'Petrus, amandhla okub'amukelisa wona abantu ewashiya kuye nabanye abApostole.

Bekungasweleki ukukuluma le'ndaba es'emmini, nengane engayiqonda nje, uma ib'ingapikwanga uLuther nabanjengaye. Bati bona, kabasweli 'bandhla, ng'uJesu yedwa abamswelayo. Ngani na? Ngoba bapikelela ukuti, seloku sasindiswa ng'uJesu, seloku sahlaulelwa ng'uye, ukwona akusenani; bati, into eswelekile nje. ng'*ukolwa kona kodwa nje* ukuti sisindisiwe uye, kube kupela. Nang' uLuther ebalela uMelanchton*) ukuti: Yiba isoni, nokwona kwako, qinisa! Kepa ukukolwa kwako nokutokoza ngoKristo,

*) Yiti: uMelankton.

jinisa kakulu. Ukwona akuyikusixazululu kuye, noma nga sisuka sifeba ka'nkulungwane ngelanga lilinye, noma sibulala ka'nkulungwane ngelanga lilinye. Aike, uMelanchton nabanye bas'emaProtestanteni bati, le'mfundiso ng'eyaoManikei, bati, ng'amanga awesabekayo. Kepa noko lawo 'maProtestante abambelele ku'Luther asenawo umteto wokuvuma okus'enewadini etiwa Amazwi esivumelano *) epete yona leyo 'mfundiso ka'Luther.

Oti, uyamswela uJesu yedwa, eti, kasweli 'su elaqanjwa uyena uJesu, unamanga. Oqinisile ukuti, uyamswela uJesu, angavuma ukuti nesu elaqanjwa ng'uyena uJesu, uyaliswela.

I.

IBandhla lika'Jesu lil'isu lokusindisa abantu ngoba lil'isu lokubakwezela nokubafundisa isiminya sika'Nkulunkulu.

278. Njengoba iBandhla lika'Jesu lil'isu lokusindisa abantu, libasindisa ngokwenza-ni na?

Njengoba iBandhla lika'Jesu lil'isu lokusindisa abantu, liyabasindisa ngokubakwezela nokubafundisa isiminya sika-'Nkulunkulu.

Njengaloko uJesu ey'inDodana ka'Nkulunkulu, kuyabonakala ukuti konke owaekufundisa elapa emhlabeni kuy'isiminya sika-'Nkulunkulu, yena lowo 'Nkulunkulu oyiso isiminya uqobo lwaso (*number* 13).

Kuswelekele-ni ukuba isiminya leso sika'Nkulunkulu, uJesu owasishiya emhlabeni, sikwezwe na? Kungoba, uma uNkulunkulu ete: umuntu otand' ukusindisa umpefumulo wake, kuswelekile ukuba akolwe ukuti nokuti, nokuba 'enze ukuti nokuti, sokuyiyo le'ndhlela yokuwusindisa, yona yodwa. Kusiza-ni uma kuvela igagu, liti: O! 'bantu, qa, nans' indhlela yokuya ezulwini, likomba enye indhlela, engeyileyo eyakonjwa uNkulunkulu, na? Akusizi 'luto, loku iqiniso lika'Nkulunkulu limi lona.

Isiminya siy'*into ekona;* ke, *into ekona aiguquki.* Umuntu angaziguqulela yona kambe ngokupambeka nangokuqamba amanga, kanti yona into ekona aiguquki. Ukuba wena, 'Bani, unezinkomo ezi'ma20, kazise'ma20 yini, uma omunye *eti,* unènkomo ezil'i15; angazitsholo pela, angaqinisa nokuqinisa, angafunga uNkulunkulu opilayo nani, angakolwa nokukolwa ukuti unènkomo ezil'i15, angakolisa izinkulungwane zezinkulungwane zabantu

*) ey'enziwa eBergen ngonyaka 1577.

ukuti unênkomo ezil'i15. Kusiza-ni? Uma wena unênkomo ezi-'ma20, unazo. E! Ukuti unênkomo ezi'ma20, kuy'into ekona, aiguquki yona. — Futi, ukwenza umkonto, kwaziwa kakade ukuti kufuneka insimbi noti nenkulati. Ukuba manje omunye eti, qa, ukwenza umkonto, kufuneka ibumba noti namanzi, sokuzauvela umkonto yini ngebumba noti namanzi na? Kungeke!

Pela kuyabonakala ukuti: **Isiminya sa'ndaba'nye sinye zwi.** Kunjalo ngezindaba zabantu, kunjalo nangezindaba zika'Nkulunkulu. **Isiminya sika'Nkulunkulu sinye nga'ndaba'nye.** Kungako-ke ukuba uPaulus oew. wati: »*Noma . . . ingelosi yas'ezulwini ib'inibikela ivangeli elipambene nesinibikele lona, aibandhlulule!*«[1])

279. UNkulunkulu eshiye isiminya sake eBandhleni lake, usishiye k'obani bakuleli'Bandhla na?

UNkulunkulu eshiye isiminya sake eBandhleni lake, usishiye ku'Petrus, naku'bApostole benoPetrus.

Numbers 249, 250, 251, 252, 253, 261, 264, 265. — Kwab'aziyo okutshiwo enCwadini ey'ingew. (eBaibeleni pela) kamuko ongapika ukuti, amandhla okufundisa izizwe zonke uJesu wawashiya ku'bApostole, ai emakolweni ang'amakolwa nje. Qa, kona ekuqaleni kweBandhla kwakwaziwa ngempela ukuti kukona *iBandhla elifundisayo:* uPetrus, nabApostole benoPetrus, *neBandhla elilaleyo:* umpakati wamakolwa onke.

a.

AbApostole banikwa isikundhla sokufundisa abantu isiminya sika'Nkulunkulu ngapandhle kwokupambeka.

280. S'azi ngani ukuti abApostole befundisa isiminya sika-'Nkulunkulu babengepambeke na?

Ukuti abApostole befundisa isiminya sika'Nkulunkulu babengepambeke, siyakwazi ngokutsho kuka'Jesu, nangokwabApostole, nangengqondo nje.

1. Ngokutsho kuka'Jesu: — Wati ku'bApostole: *Njengoba uBaba engitumile mina, kanjalo nami ngituma nina.*«[2]) Ke, uYise, ukuyituma inDodana yake, wayitumela ukuletel' abantu isiminya, ai amanga namapupo nani. — Wati futi: »*Ngipiwe onke amandhla ezulwini nas'emhlabeni. Ngako-ke hambani niye'kufundisa zonke izizwe.*«[3]) Kwazis' ukuti, ukufundisa kwabo, abApostole kabazifundiseli ngawabo amandhla, bayafundisa ngaka'Jesu, ngaka'Nkulunkulu. — Wabuya wati: *Hambani niye*

[1]) Gal. 1,9. — [2]) Joh. 20, 21. — [3]) Matth. 28,18. 19.

'kufundisa zonke izizwe . . . naku-ke, ngihlezi nani imihla yonke kuze kube pakade. [1]) Yena ehlezi nabo, kuy'isiMinya uqobo lwaso esihlezi nabo (*number* 14). Ukuba sona besibayumela, besibadedela bapambeke bakohlise, bekuzakuba yisona esikohlisa abantu, into eng'enzeki nanini. — Wapinda wati: *Mina ngizakuncenga uBaba, yikona ezauninika esinye isiSizi, sihlale nani kuze kube pakade, uMoya wesiminya.* [2]) Njengaloku uMoya wesiminya uy'isiSizi sabo, bangefundise okunge'siminya. — Nantike nelinye owalitsho kubona, wati: *Hambani niye emhlabeni wonke, nishumayeze sonke isidalwa ivangeli: okolwa abatshatizwe, uyakusinda; kepa ongakolwa, uyakujeza.* [3]) Kuy'ezwakala lapa ukuti, ukukolwa yiloko okushunyayelwa abApostole nokungakolwa yiko, kuy'indaba yokusinda (ukuya ezulwini) nokujeza (ukutshona esihogweni), l'icala pela elimelwe ukutetwa ng'uNkulunkulu. Kungaba yilona nje kupela, inxa okushunyayelwa ng'abApostole kuy'isiminya sika'Nkulunkulu, sona sodwa, sona sonke, asishiye kubona.

2. *Ngokutsho kwabApostole:* Kuwo onke lawo 'mazwi abo apata le'ndaba sikipa lawa amabili nje ka'Paulus ocw. Uti: *Siti sibambele uKristo, sigcina isikundhla sezinduna eziy'izitunywa.*» [4]) AbApostole bay'izinduna zika'Kristo eziy'izitunywa, uma bebika akutshilo yena. Uma bekwaz' ukubika okungatshiwongo uye, kabasizo izinduna zake.—Uti futi: «*Ngako-ke siyiloku sibonga ku'Nkulunkulu ngokuba, nat'uma nil'amukela izwi lika'Nkulunkulu ngokulizwa ngati, ukul'amukela kwenu, anil'amukelanga njengezwi labantu nje, qa, nal'amukela njengezwi lika'Nkulunkulu, njengoba nempela liyilo.*» [5]) Uma abApostole bebekwaz' ukutsho amanga, amanga angahle abe l'izwi lika'Nkulunkulu yini na?

3. *Ngengqondo:*—Kade sizwa ku'*number* 278 ukuti konke, uJesu owaekufundisa, kuy'isiminya sika'Nkulunkulu. Ke, lesi 'siminya sika'Nkulunkulu wasishiya ku'bApostole. AbApostole babeng'abantu. Beng'abantu, babengapambeka. Kanti uJesu wafuna ukuba bafundise abantu isiminya sika'Nkulunkulu, ai amanga. Efuna loku, kus'obala ukuti kwasweleka ukuba abanike awake amandhla, amandhla ka'Nkulunkulu pela, kona bengayikupambeka, bangakohlisi, njengoba noNkulunkulu uqobo engepambeke, engekohlise futi (*numbers* 13, 14).

E! lawa 'mandhla okukweza isiminya sika'Nkulunkulu lapa emhlabeni, sona sonke, sona sodwa futi, yiwo okutiwa *y'isikundhla sokufundisa ngapandhle kwokupambeka.*

[1]) Matth. 28,19. 20. — [2]) Joh. 14,16. — [3]) Mark. 16, 15-16. — [4]) 2. Kor. 5, 20. — [5]) 1. Thess. 2,13.

Namhla sokuyabonakala kona loku nangokw'enzeka, seko iBandhla lamiswa. Okw'enzeka naku! Kwati abApostole besekona, kwasokuqala ukuvela abazifundisela ukuti nokuti okupambene nemfundiso ka'Jesu [uSimon otiwa uMagus (okutiwa isAngoma), uCerinthus, oGnostiki]. Kwati-ke uma bengaseko, kwabuya kwavela abanye [uNestorius, uEutyches (yiti: uEutikes), uPelagius noBanibani]. Yilowo nalowo at'es'ecezukile eBandhleni eliyilo, azimisele elake ibandhlana. Amabandhlana-ke lawo abuya 'ahlukana odwa, kwaza kwaba njengakutsho uPaulus ocw.:[1]) babenjengezingane, batshukutshukunyiswa ng'amadhlambi, baqutshwaqutshwa ngalapa nangalapa ngemimoyamoyana yezimfundiso, ngobuqili nobubi bwabantu, baza baqabuka bes'endhleleni engeyiyo edukisayo.

Yikona loku esikubonayo ngamehlo kus'enzeka nanamhla, seloku uLuther waqala ukufundisa okupambene nemfundiso ka'Jesu, eti, yilowo nalowo angazibonela ngokwake ngokufunda inCwadi ey'ingcw. (iBaibele) ukuti uJesu uKristo ufundise-ni. Kanjalo kwavela nelika'Zwingli nelamaNgisi nelika'Kalvin. Kuwonake kwacezuka amabandhlabandhla. Kulawo-ke abuya acezuka amabandhlana ngamabandhlana a'makulukulu. Namhla sekungati onke amabandhla lawo amaProtestante[2]) as'e'ma500 (kodwa akwaziwa nje ukuti mangaki, ngoba kubuye kuvele amanye). Kw'enziwa y'ini loku na? Kw'enziwa ngokuba uLuther nabanjengaye babezidilizele iTshe lelo, uNkulunkulu ab'ake kulo iBandhla *lake*, ngobapela njengokufundisa kwabo wonke umuntu us'e-"uPetrus", enamandhla okuzinqumela ukuti angakolwa ukuti-ni, loku engakwaz' ukupambeka. Ke, uma kunjalo, akus'ali 'luto ukuba yilowo nalowo azimisele elake ibandhla, uma kukona abatanda ukubambelela kuye.

Bala, ukuba namhla isiminya sika'Nkulunkulu, uJesu owasishiya eBandhleni lake, njengokwamaProtestante sesiy'iziminya ezi'ma500, kuy'into efakaza nokufakaza ukuti, abantu benawabo amandhla wona odwa nje bangapambeka, nokuti, kwasweleka nokusweleka ukuba uJesu ab'eshiye eBandhleni lake amandhla okukweza isiminya sake ngapandhle kwokupambeka, alinike pela isikundhla sokufundisa ngapandhle kwokupambeka.

[1]) Ef. 4,14.

[2]) Leli'zwi lesiLatini liti ngesiZulu "ab'alayo". Laqalis' ukuvela ngonyaka 1529 eSpeyer (yiti eSpayero, mhlazana izikulu lezo ezazibambelela ku'Luther zavela zati: "Siy'ala tina". Kodwa kwati ngesikati nabaka'Zwingli nabaka'Kalvin nabebandhla lamaNgisi nabo bonke abafana nabo basebebizwa ngaleli 'gama. -Abati, liy'isituko, amaKatolike atuka ngaso onke amanye amabandhla, bapambekile, loku amaProtestante uqobo ezibiza ngalo.

Into ekona, nengane engazibonela yona, isiminya **sinye** leso sika'Nkulunkulu kasisizo iziminya ezi'ma500, njengoba nenkomo inye ingesizo izinkomo ezi'ma500. Po-ke, emabandhlabandhleni lawo akuseko 'siminya sika'Nkulunkulu nakanye na? Aike, esisafumaniseka kuwo, yiso amuka naso emuka eBandhleni eliyilo. Ezinye "iziminya" lezo ziamanga avele ngokupambeka kwabantu.

281. UJesu, uNkulunkulu, eshiye isiminya sake eBandhleni lake, uPetrus eyedwa waengapambeka yini na?

UJesu, uNkulunkulu, eshiye isiminya sake eBandhleni lake, uPetrus, noma eyedwa, waengepambeke neze.

1. UJesu wati, uzakwaka iBandhla lake eTsheni eling'uPetrus, waza wati, iBandhla el'akiwe eTsheni lelo eling'uPetrus aliyikwahlulwa amandhla esihogo, loku ng'ukuti, aliyikwahlulwa amanga.[1]) E! ukuba nga itshe, yonke indhlu yeBandhla esekelwe yilo, belingaxega, kumbe liqekezeke, kumbe lidilike, bala, yonke indhlu ib'izaudilika.

2. UJesu wabuya wati ku'Petrus, uyakumnika izihlutulelo zombuso wezulu, abope lapa emhlabeni, kube kubotshwe nas'ezulwini; atukulule lapa emhlabeni, kube kutukululwe nas'ezulwini.[2]) Po-ke, uma uPetrus enquma indaba yokukolwa, us'eyabopa wonke umuntu. Ke, ukuba eb'engapambeka lapo, aze abope abantu ukuba bakolwe amanga, kuyabonakala ukuti, ngakuyakubotshwa nas'ezulwini, uNkulunkulu avume, aqinise amanga—into eng'enzeki na'kwenzeka.

3. Wati uJesu es'evukile ekufeni, waes'emenza uPetrus umAlusi womhlambi *wonke* wake, eti, akamalusele izimvana nezimvu zake. Ke, uma uPetrus, ukunquma kwake izindaba zokolo, eb'ekwazi ukupambeka, yena umalusi omkulu ub'ezauduka. Edukile yena uqobo, ub'es'ezaudukisa nomhlambi wonke. E! Es'edukisile umhlambi wonke, ub'engasayikuba owokumalusela uNkulunkulu, isiMinya uqobo pela; ub'es'ezauba owokwalusela uyise wamanga, usatana. Pela, uJesu ngaekohlise abantu bonke eti ku'Petrus: "Y'alusa izimvana zami! Y'alusa izimvu zami!" Into eng'enzeki na'kwenzeka, loku uJesu eng'uNkulunkulu, isiMinya uqobo lwaso.

4. *Yati inKosi* (uJesu)*: "'Simon! 'Simon! beka, usatana ayanifunisisa, ukuba anihlunge njengengqolowa; kepa mina ngikukulekele wena ukuba kungapeli ukukolwa kwako, yikona-ke wot'uma us'upendukile wena, uqinise abafo wenu."*[3]) Ke, uma uPetrus eb'engapambeka ngezindaba zokukolwa, bala,

[1]) Matth. 16,18.—[2]) Matth. 16,19.—[3]) Luk. 22,31-32.

bekuzaupela ukukolwa kwake, izwi lika'Jesu, izwi pela lika'Nkulunkulu libe amanga—into eng'enzeki.

5. Njengoba sokwatshiwo ku'numbers 249, 250, 251, 259, 264, 265, uPetrus uy"inDuna enkulu yokubambela, inKosi uqobo ingeko emhlabeni". Po-ke, ey'induna enkulu yesiMinya uqobo, eyokubambela isiMinya uqobo, angepambeke; ngobapela, nxa eb'enamandhla okupambeka nokufundisa amanga, ub'es'ezakuba induna yamanga.

282. UJesu, uNkulunkulu, eshiye isiminya sake eBandhleni lake, abApostole benoPetrus babengapambeka yini na?

Qabo, uJesu, uNkulunkulu, eshiye isiminya sake eBandhleni lake, abApostole benoPetrus babengepambeke neze.

Wat' uJesu es'enike uPetrus amandhla okubopa nokutukulula, wawanika futi *bonke abApostole benoPetrus.*– Kuy'ezwakala nangawo onke lawo 'mazwi aku'number 280, 1., uJesu *owawatsho kubo bonke abApostole benoPetrus.*

Kuy'aziwa *ngomlomo* otatele ku'Jesu ukuti yilowo nalowo 'mApostole waxotshiswa ixotsho lokungapambeki ngezindaba zokukolwa. Kodwa lelo 'xotsho laling'elabApostole bona ngokwabo bodwa; ngako-ke babengakwaz' ukubanikezela lona abalandelana nabo.

283. UJesu eshiye isiminya sake ku'bApostole, b'enza njani bona, ukufundisa kwabo, na?

UJesu eshiye isiminya sake ku'bApostole, ukufundisa kwabo, bafundisa ngomlomo, bafundisa nangencwadi.

UJesu uqobo wafundisa ngomlomo kupela.

Imvama yabApostole bafundisa ngomlomo kupela.

Abafundisa ngomlomo nangencwadi nampa! *UPetrus* wabala izincwadi ezimbili; isandhla sake. *uMarkus,* sabala ivangeli. *UPaulus* wabala izincwadi eziningi; isandhla sake, *uLukas,* sabala ivangeli nokwenza kwabApostole. *UMattheus* wabala ivangeli. *UJohannes* wabala ivangeli nezincwadi ezintatu nesambulo. *UJakob* wabala incwadi yainye, *noJudas* (uThaddeus) wabala yainye. Kuyabonakala-ke ukuti abApostole uqobo ababala incwadi eziy'ingcwele bahlanu kupela.

Ukuba ngeminyaka leyo edhlulile ey'izinkulungwane abantu abamnyama batsho njalonjalo ngomlomo nje, bengabalanga ndawo ukuti: kuy'inkosana njalo edhla ifa lomnumzana, aku'qiniso yini, ngoba naku bengakubalanga, na? Futi, ukuba babeyiloku benikezelana ngokuti nangokuti okuy'imiteto yabantu abamnyama, benikezelana ngokwomlomo nje, bengakubalanga ndawo, yonke imiteto leyo is'iy'into engeko yini, ngokubane

ingabalwanga, na? E! kuyabonakala ukuti abAposiole, uma bekuluma isiminya ababesizwile ku'Jesu, besikuluma ngomlomo nje bengasibali, kuseyiso isiminya njalo.

284. Ngako-ke sonke isiminya abApostole ababesizwe ku'Jesu sifunyaniswa-pi na?

Sonke isiminya abApostole ababesizwe ku'Jesu sifunyaniswa k'okwafundiswa yibo noma ngomlomo, noma ngencwadi.

a.

Imfundiso enikezelweyo.

285. AbApostole ababala izincwadi bayatsho yini ukuti *yonke* imfundiso yabo is'ezincwadini zabo na?

Qabo, kamuko namunye umApostole otsho njalo, kepa bakona abatsho ukuti ezincwadini zabo akupetwe konke ababekufundisa.

Nang' uJohannes ocw. eti: *UJesu w'enza nezinye izimangaliso eziningi abafundi bake bebekile, ezingabaliwe kule'ncwadi* (ivangeli lake). *Kepa loku kubaliwe ukuze nikolwe ukuti uJesu ung'uKristo, inDodana ka'Nkulunkulu, kubalelwe nokuba, niti nikoliwe, nitole ukupila ngegama lake* (yiso pela isisusa uJohannes ocw. owaebaliswa yiso ivangeli lake, ngoba kwasekuvele abafundisi bamanga (oCerinthus) abati, uJesu kasiyo inDodana ka'Nkulunkulu). [1]. *Kukona nokunye okuningi owackwenza uJesu; ke, uma kwabaliwa kona, yiloko naloko ngokwako, ngingati nomhlaba wonke ub'ungagikwanela izincwadi engaziyakubalwa.* [2])—UPaulus ocw. uti: *Qinani niqine, 'bazalwane, nibambelele ezimfundisweni ezinikezelweyo, enafundiswa zona noma ngezwi (ngomlomo) noma ngencwadi yetu.*" [3])

286. Ukuti aku'mfundiso *yonke* yabApostole epetwe êncwadini zabo, kubonakala nangani na?

Kuyabonakala nangoba uJesu katshongo ndawo ukuti, abApostole ababale imfundiso yake, nokuti, bonke abantu banomteto wokufunda ukufunda incwadi.

Into, uJesu owaepindapinda ukuyitsho, wati, *abashumagele, bafundise.* [4]) Wati futi, abanye abantu *ababi'ezwe* abApostole. [5])

UJesu katshongo ndawo ukuti umuntu angasinda ngokuzifundela nokuziqondela okwakuyakubalwa abApostole bake. E! Umuntu ongakwaz' ukufunda incwadi ub'eyakusinda kanjani, inxa bekukona umteto onjalo na?

[1]) Joh. 20,30.—[2]) Joh. 21,25.—[3]) 2. Thess. 2,14.—[4]) Matth. 10,7. 27. 28,19. Mark. 16,15.—[5]) Luk. 10,16.

287. Ukuti aku'mfundiso *yonke* yabApostole epetwe êncwadini zabo, kubonakala nangani na?

Kuyabonakala nangoba imvama yabApostole kababalanga 'ncwadi, nababala babaliswa y'isisusa nje esitize.

Akuko neyodwa incwadi eBaibeleni eti ibalelwe ukupata *yonke* imfundiso ka'Jesu 'Kristo.

288. Ukuti aku'mfundiso *yonke* yabApostole epetwe êncwadini zabo, kubonakala nangani futi na?

Kuyabonakala nangoba kwababalile bakona abati, ukolo luyavela *ngokushumayela nangokuzwa,* bakona futi abati, amakolwa akakumbule *as'ekuzwile ngêndhlebe.*

Nang'uPaulus ocw. eti: *Y'inhliziyo kambe umuntu akolwa ngayo, ukuze alungiswe; kodwa ny'umlomo avuma ngawo* (ukukolwa), *ukuze asindiswe. . . . . Ngoba yilowo nalowo oyakukuleka egameni lenKosi uyakusinda. Po-ke, ukukuleka, bayakukuleka kuyo kanjani bengakolwanga kuyo na? Kumbe, ukukolwa, bayakukolwa kanjani kuyo, bengayizwanga na? Kepa ukuzwa, bayakuzwa kanjani, kungeko oshumayelayo na? Kepa, ukushumayela, bayakushumayela kanjani, bengatunywanga na? . . . . Ngako-ke ukolo luvela ngokuzwa, ukuzwa-ke kuvela ngezwi lika'Kristo.* [1]) UJakob ocw. wati: *Yibani abaligcinayo izwi, ningabi abalizwayo nje kupela nizikohlisa.*» [2]) UJohannes ocw. wati: »*Enikuzwile selo kwaba s'ekuqaleni, akube yiloko okuhlala kinina. Inxa enikuzwile selo kwaba s'ekuqaleni kuyakuhlala kinina, nani niyakuhlala enDodaneni naku'Yise.*« [3])

289. Ukuti aku'mfundiso *yonke* yabApostole epetwe êncwadini zabo, kubonakala nangani na?

Kuyabonakala nangoba iBandhla lika'Jesu laselikona, selilungile, abApostole bengakabali neyodwa incwadi.

Siy'azi ngoIreneus ocw., umfundi wabApostole, ukuti, nalapo zasezikona izincwadi zabApostole, izizwe ezitize ezazikoliwe, zinokolo oluyilo ngempela, zazingenazo izincwadi lezo, zingaz'azi nje noma zikona.

290. Ukuti aku'mfundiso *yonke* yabApostole epetwe êncwadini zabo, kubonakala nangani na?

Kuyabonakala nangoba izincwadi zabApostole nezezAndhla zabo kazitsho ukuti, yizipi izincwadi eziy'iNcwadi ey'ingcwele kumbe iBaibele.

[1]) Rom. 10,10. 13-15,17.—[2]) Jak. 1,22.—[3]) 1. Joh. 2,24. (Rom. 16,17.—1. Joh. 1,3).

Ukwazi ukuti, yizipi izinewadi eziy'inCwadi ey'ingewele, ezil'i-Baibele pela, namal'protestante ayakwazi nje *ngemfundiso enikezelwe ngomlomo.* Ke, uma bepikelele ukuti imfundiso enikezelweyo, ukuti umlomo pela au'luto nje neze, angeke 'azi nayip' inewadi yeBaibele ukuti iyo. E! Uma kunjalo, akana-'Baibele.

291. Ukuti aku'mfundiso *yonke* yabApostole epetwe êncwadini zabo, kuyabonakala nangani na?

Kuyabonakala nangoba **nama**bandhla, ati, ayalivuma iBaibele lodwa, ayabambelela êmfundisweni eziningana ezingeko eBaibeleni.

Naz' imfundiso ezinjalo: ukuti isabbata leTestamente elitsha alise ng'umgqibelo, l'isonto; ukuti manje akusasweleki ukuzila ububende nenyama yokuklinyiweyo; nokuti izingane ngazibatshatizwa zingakahlakanipi.

292. AbApostole bayala abaFundi babo ukuba b'enze njani, ukufundisa kwabo, na?

AbApostole bayala abaFundi babo ukuba banikezele nabanye abatembekileyo ababekuzwile ku'bApostole.

Nang'uPaulus ocw. eti ku'mFundi wake, uTimoth, umBishopu was'eEfesus: *Wena-ke, 'mntanami . . . okuzwile kimi kufakaza abaningi, wonikezela kona loku abantu abatembekileyo, abayakulungela ukufundisa nabanye futi.*»[1])

Ezinewadini zabo abApostole bapindapinda ukutsho ukuti, kuswelekile ukubambelela emfundisweni enikezelweyo. Nank' amanye amazwi anjalo! UPaulus ocw. wati ku'Timoth: *O! 'Thimótheus, londa okubekelwe ukulondolozwa, vika amazwi aqanjwaqanjwayo angey'ingewele, vika ukukuluma okupambeneyo, okukulunywa ng'ukwazi okutiwa kuyiko kungeyiko, ababambelele kuko abanye, baza bacezuka okolweni.*[2]) Wabuya wati kuye: *Wena-ke, bambelela k'owakufunda wakoliswa yiko, wazi belu ukuti wafunda ku'bani.*[3]) Emakolweni as'eKorinth wati: *Mina ngatata enKosini engabuya nganikezelana nani ngako, okwokuti . . .*[4]) wati futi kuwo: *Ngiyanibabaza, 'bazalwane, . . . nangokuba nibambelele emfundisweni enikezelweyo njengoba nganinikezela yona.*[5]) Emakolweni as'eThessalonike wati: *. . . 'bazalwane, yimani nisimame, nibambelele êmfundisweni ezinikezelweyo, enizifundile noma ngezwi noma ngencwadi eyavela kitina.*[6]) Wabuya wati kuwo: *Siyaniyala, 'bazalwane, ngegama lenKosi yetu, uJesu 'Kristo, siti, kwebukani*

[1]) 2. Tim. 2,1-2.—[2]) 1. Tim. 6,20-21.—[3]) 2. Tim. 3,14.—[4]) 1. Kor. 11, 23.—[5]) 1. Kor. 11,2.—[6]) 2. Thess, 2,14.

kuyilowo nalowo 'mzalwane ongahambisi ngomteto, engahambisi njengemfundiso enikezelweyo abay'amukela kitina. [1]) UJudas uThaddeus wati emakolweni onke nje: «*'Bangane abatandekayo kakulu! Ngati ngisuka ngisuswa isineke esikulu sokunibalela ngokusindiswa kwenu nonke, kwasweleka ukuba, ukubala kwami, nginipapamise ukuba nilwele ukolo, abacwebileyo* (amakolwa belu) *abat' ukunikezelwa lona kanye banikezelwa lona njalo.*» [2]) UPetrus ocw., ekuluma ngababuyel' emuva, uti: «*Kwaba ngcono kubona, uma bebeng'azanga indhlela yokulunga, kunokuba bati sebeyifundile babuye baguquke befulatela umteto oy'ingcwele ababenikezelwe wona.*» [3]) UJohannes ocw. wati emakolweni: «*Enakuzwa selo kwaba s'ekuqaleni, akube yiko okuhlezi kinina. Uma kuhlezi kinina enakuzwa selo kwaba s'ekuqaleni, nani niyakuhlala enDodaneni naku'Yise.*» [4])

293. AbApostole bengaseko, ababelandelana nabo b'enza njani, ukufundisa kwabo, na?

AbApostole bengaseko, abalandelana nabo b'enza njengabo: bafundisa ngomlomo, bafundisa nangencwadi.

294. Imfundiso ka'Jesu eyakwezwa ngokwomlomo nje itiwani na?

Imfundiso eyakwezwa ngokwomlomo nje itiwa «imfundiso enikezelweyo», «imfundiso engabalwanga».

«Imfundiso enikezelweyo» yaikona nas'eTestamenteni elidala; noJesu uqobo wayivuma.— «Imfundiso enikezelweyo» ikona yonk' indawo emhlabeni.—Ikona yona kakulu naku'bantu abamnyama, lokupela yonke imiteto yabo, nemikuba, nezinganekwane, nezindaba zas'endulo, nokwazi kwezinyanga, nokuti-ni nokuti-ni, konke loku bayakwazi nje ngokuba *banikezelana* ngako *ngomlomo wodwa,* ukubala bengakwazi, nomumo wako nje. E! ngokunikezelana loku kwakwezwa okuninginingi okuy'isiminya, nakuba bengapambeka beabantu nje (iBandhla lika'Nkulunkulu lingepambeke). Yile'ndaba, uCetshwayo owake wapendulana ngayo nabelungu. Kwati ngonyaka 1883 ebuzisiswa ng'abaka'Hulumeni was'eKoloni ngokuti, kukanjani ukuba umteto wakwa'Zulu waziwe kahle loku ungabalwanga ndawo, waes'edinwa, wati: «Umteto wakwa'Zulu ungabalwanga ndawo, amuko umuntu kwa'Zulu ongawazi umteto wakwa'Zulu.»

Nganxanye akwali 'luto ukuba «imfundiso enikezelweyo» ike ibalwe; kepa noma is'ibaliwe, kuseyiyo ey'aziwa kakade ngomlomo nje. Angiti umteto wakwa'Zulu ungabalwa namhla na? Kepa noma us'ubaliwe, kuseyiwona lowo owaziwayo ngokuba abadala

[1]) 2. Thess. 3,6.—[2]) Jud. 3.—[3]) 2. Pet. 2,21.—[4]) 1. Joh. 2,24.

banikezelana nabatsha ngawo. Kwakunjalo nas'eBandhleni lika-'Jesu 'Kristo: okw'esuka kw'aziwa kuqala ngokwomlomo kodwa, kwabuya kwabalwa ng'abeBandhla.

295. Ofakazi abakulu bemfundiso enikezelweyo ng'aobani na?

Ofakazi abakulu bemfundiso enikezelweyo ng'a«oYise beBandhla».

1. oYise beBandhla:—Kutiwa ng'aoyise, ngoba imvama yabo babeng'ababishopu, okwakutiwa endulo ng'aoyise. Pela, nabanye ofakazi bale'mfundiso, kwasokutiwa, ng'aoyise beBandhla, noma benge ababishopu.

Kune okufuneka ukuba iBandhla liti, uBanibani ung'uYise weBandhla: (1) ukolo oluyilo oluvele ku'bApostole, (2) ukulunga (3) ukuba ng'owas'endulo, owas'emihleni yabApostole kumbe ngakona, (4) ukuvunywa l'iBandhla.

Nank' amagama aoYise beBandhla ababekona kusel'ikulu loku1 nelesi2 leminyaka (1—200) uKristo azalwa:

uBárnabas ocw., umfundi ka-'Paulus ocw., umBishopu was'e-Kiprus, umFelukolo, wafa ngonyaka wama76.

uHermas, ikolwa las'eRoma, umfundi wabApostole.

uKlemens ocw., uPapa wesi4, umfundi wabApostole, umFelukolo, wafa kungati ngonyaka we100.

uIgnátsius ocw., umfundi wabApostole, umBishopu was'e-Antiokia, umFelukolo, wabulawa kubusa uTrayan (98—117).

uPólikarp ocw., umfundi ka-'Johannes ocw., umBishopu was'eSmirna, umFelukolo, wafa ngonyaka we155.

uPápias ocw., umfundi ka'Johannes ocw. noka'Polikarp ocw., umBishopu was'eHierápolis.

Owabalela ku'Díognet incwadi esekona namhla (igama lake al'aziwa).

Owabala «Imfundiso yabApostole abal'i12» (igama lake al'aziwa).

oYise laba aba8, kutiwa, ng'a"oYise abafundiswa abApostole" (okutiwa ngesiNgisi *Apostolic Fathers*). Nampa abanye:

uQuadratus (yiti uKwadrátus) ocw.

uJustin ocw. was'eSikem, umFelukolo, wafa ngonyaka we163.

uApollinaris ocw., owalandelana noPapias ocw. eHierapolis.

uMelito, umBishopu was'eSar-

uAthenágoras, isazi. [des.

uDionísius ocw., umBishopu was'eKorinth.

Aike, kukona nabanye abaningi. Nampa ababili abadumile kakulu: *uIrenéus* ocw. umBishopu was'eLyon, *noCyprian* (yiti uSíprian) ocw., umBishopu was'eKarthago, umFelukolo.

2. AbaBali beBandhla:—Kukona abanye abas'endulo, okutiwa ng'ababali nje beBandhla. Pela nabo babebala ngemfundiso na-

ngezinye izindaba zeBandhla, kanti noko ngesisusa esitize iBandhla l'enqaba nokubanqumela elokuti uYise weBandhla. Abanye-ke abanjengo*Tertúllian* no*Orígenes*, bati bebambelele isikati eside okolweni oluyilo, bacezuka kulo. UVincent (yiti uVinsent) was'eLerin, ekuluma ngabo, utsho kahle, eti: Kuhle ukuba onke amakolwa ang'amakatolike ngempela 'azi ukuti ayazivuma izazi njengoba neBandhla lizivuma, nokuti akufanele ukuba, ukucezuka kwezazi okolweni lweBandhla, nawo acezuke.

3. AbaFundisi beBandhla kumbe izAzi zeBandhla: — Kukona nabanye-ke futi, iBandhla elibanqumele elokuti ng' abaFundisi beBandhla (kukona oYise beBandhla abang'abaFundisi balo futi). Kune okufuneka ukuba uBanibani, kutiwe, ung' umFundisi weBandhla»: (1) ukolo oluyilo, (2) ukulunga, (3) ukuhlakanipa okunqabileyo, (4) ukuvunywa l'iBandhla.

Po-ke oYise b'ahlukene-pi nabaFundisi beBandhla na? Pela, ezincwadini zaoYise kuyafumaniseka ukuti emihleni yabo ukolo lwati-ni na, njengoba babelwamukele ezandhleni zabobelandelana nabo, kube kupela; ênewadini zabaFundisi beBandhla kuyafumaniseka ukolo lucasiselwe ngokuhlakanipa okukulu ababenako, bekanyiselwa nganxanye ng'uNkulunkulu, befundile kakulu nganxanye.

Kwabas'endulo kukona abatiwa

abaFundisi aba-4 abakulu beBandhla las'empumalanga:

(babala ngesiGreke)

uAthanásius ocw., wafa 373 | uGregor ocw. was'eNazianz wafa 390

uBasilius ocw. omkulu, wafa 379 | uJohannes ocw. uChrysóstomus wafa 407,

nabaFundisi aba-4 abakulu beBandhla las'entshonalanga:

(babala ngesiLatini)

uAmbros ocw. wafa 397 | uHierónimus ocw. wafa 420

uAugustin ocw. wafa 430 | uGregor ocw. omkulu, wafa 604.

Nampa *abanye abaFundisi beBandhla:*

uHilárius ocw. was'ePoitier wafa 368 | uAnselm ocw. was'eCanterbury wafa 1109

uCyrill ocw. was'eAleksandria wafa 444 | uBernard ocw. wafa 1153

uPetrus ocw. uChrysólogus wafa 452 | uThomas ocw. was'eAquin wafa 1274

uIsidor ocw. was'eSevilla wafa 636 | uBonaventura ocw. wafa 1274

uPetrus ocw. uDámian, wafa 1072 | uFranz ocw. was'eSales wafa 1622

| uAlfons ocw. wakwa'Liguori wafa 1787.

296. Ng'umupi umkuleko otatela emlonyeni ovele ku'bApostole na?

Umkuleko otatela emlonyeni ovele kub'Apostole ng'umVumokolo wabApostole, indikimka yawo.

Siti «indikimba yawo», ngoba kwezinye izindawo nangezinye izikati kwangeniswa kuwo elinye nelinye izwana, ngokuba kwakuvele abafundisi bamanga, abafuna ukupika ukuti nokuti. Kodwa yona indikimba yawo itatele ku'bApostole uqobo, njengoba kuzwakala nangegama lawo lokuti umvumokolo wabApostole.

b_1.

Imfundiso ebaliweyo.

297. Imfundiso ka'Jesu *eyabalwa* ng'abApostole ipetwe-pi na?

Imfundiso ka'Jesu *eyabalwa* ng'abApostole ipetwe eTestamenteni elitsha lenCwadi ey'ingcwele.

Yileli'zwi lokuti «inCwadi ey'ingcwele» esilipatayo, abanye beti l' iBaibele». Elokuti ibaibele livele kwelesiNgisi lokuti «bible» (baibl), lona-ke livele kwelesiGreke lokuti biblíon; ke, «biblíon» liti nje ngesiNtu: "incwadi". Kungako-ke siti tina *inCwadi* ey'ingcwele, kube kupela.

Elinye kutiwa "imiBalo" ey'ingcwele (okutiwa ngesiNgisi *Holy Scripture*).

Elinye kutiwa "inCwadi ezincwadini" (okutiwa ngesiNgisi: *the Book of books*).

Izincwadi ez'aziswa, zihlonitshwa kakulu kunazo zonke ezinye yilezo, okutiwa, ng'amaVangeli. Leli'zwi lokuti "ivangeli" yilo elesiGreke lokuti «euangelíon». Ke, abaqalisa ukuhumutsha lona ngesiNtu, bati, y'"izindaba ezinhle"; kanti elesiGreke kalitsho njalo. Lona liti "umbiko wokuhle". E! kwabikwa okuhle. Yisipi-ke isitunywa esaqalisa "ukubika okuhle" na? Yiso «isiTunywa sesivumelano esikulu» (*number* 178 ekugcineni). Ezinye ezatunyelwa "ukubika okuhle" ng'abApostole, iziTunywa belu zesiTunywa leso sesivumelano esikulu (number 163, 2.). Yibapi ababikelwa okuhle na? Ng'abantu bas'emhlabeni. Babikelwa okuhle kuni na? Babikelwa ukusindiswa.—Njengoba lezo 'zincwadi kutiwa ng'amaVangeli, abazibala kutiwa ng'aoVangeliste.



ITestamente elitsha

lipete izincwadi ezi'ma27.

I.

AmaVangeli ama4:

(1) elabalwa ng'**uMattheus** ocw. umApostole,
(2) elabalwa ng'**uMarkus** ocw., isandhla sika'Petrus,
(3) elabalwa ng'**uLukas** ocw., isandhla sika'Paulus,
(4) elabalwa ng'**uJohannes** ocw., umApostole.

II.

(5) **Ukwenza kwabApostole.** Le'ncwadi yabalwa ng'uLukas ocw.

III.

Izincwadi zabApostole.

Zil'i14 ezabalwa ng'**uPaulus** ocw.:

(6) ayibalele abas'eRoma,
(7) eyoku1 ayibalele abas'eKorinth,
(8) eyesi2 ayibalele abas'eKorinth,
(9) ayibalele abas'eGalátsia,
(10) ayibalele abas'eEfesus,
(11) ayibalele abas'eFilippi,
(12) ayibalele abas'eKolosse,
(13) eyoku1 ayibalele abas'eThessalonike,
(14) eyesi2 ayibalele abas'eThessalonike,
(15) eyoku1 ayibalele uTimoth,
(16) eyesi2 ayibalele uTimoth,
(17) ayibalele uTitus,
(18) ayibalele uFilémon,
(19) ayibalele amaHeberu.
(20) Inye, **uJakob** ocw. ayibalele iBandhla lonke.

Zimbili ezabalwa ng'**uPetrus** ocw.:

(21) eyoku1, } ayibalele izikolo
(22) eyesi2, } zas'eAsia.

Zintatu ezabalwa ng'**uJohannes** ocw.:

(23) eyoku1, ayibalele iBandhla lonke,
(24) eyesi2 ayibalele "uElekta" (uKyria),
(25) eyesi3, ayibalele uKayus.
(26) Inye, **uJudas** (uThaddeus) ayibalele iBandhla lonke.

IV.

(27) **Isambulo**, esabalwa ng'**uJohannes** ocw., umApostole.

298. EsiVumelanweni esidala, esafanekisa, salungisela esitsha, kwakukona izincwadi eziy'ingcwele yini na?

Yebo nas'esiVumelanweni esidala, esafanekisa, salungisela esitsha, kwakukona izincwadi eziy'ingcwele.

ITestamente elidala

lipete izincwadi ezi'ma 45:

I.

Izincwadi ezi'ma21 ezilanda okwake kw'enzeka:

(1) Eyoku1 ka'Moses, etiwa "uGénesis" okung'ukuti "ukudalwa."
(2) Eyesi2 ka'Moses, etiwa "uEksodus" okung'ukuti "ukupuma" kwabakwa'Israel eGipite.

(3) Eyesi 3 ka'Moses, etiwa "uLevítikus" okung'ukuti "eyabakwa'Levi", eyobupriste belu.
(4) Eyesi 4 ka'Moses, etiwa "uNúmeri" okung'ukuti "izibalo", ukubalwa belu kwabakwa-'Bani noBani kwa'Israel.
(5) Eyesi 5 ka'Moses, etiwa "uDeuteronómium" okung'ukuti "umteto owapinda wabalwa".
(6) Eka'Jósua.
(7) EyabaTeti'macala.
(8) Eka'Ruth.
(9) Eyoku1 yamakosi, kumbe eyoku1 ka'Samuel.
(10) Eyesi2 yamakosi, kumbe eyesi 2 ka'Samuel.
(11) Eyesi3 yamakosi, kumbe eyoku1 yamakosi.
(12) Eyesi4 yamakosi, kumbe eyesi 2 yamakosi.
(13) Eyoku1 exunyiweyo, etiwa "uParalipómenon" okung'ukuti "okwaputwa kuqala" kumbe okwaxunywa; itiwa futi "uKrónika" okung'ukuti "incwadi yokwabalwa njengoba kw'enzeka imihla ngemihla, isikati ngesikati".
(14) Eyesi2 exunyiweyo, etiwa "uParalipómenon" kumbe "uKrónika".
(15) Eyoku1 ka'Esdras.
(16) Eyesi2 ka'Esdras kumbe eka'Nehemias.
(17) Eka'Tobias.
(18) Eka'Judith.
(19) Eka'Esther.

Ezinye ezimbili zalolu'hlobo ng'ezaoMakkabi; zis'ekugcineni.

II.

Izincwadi ezi'si7 zemfundiso:

(20) Eka'Job.
(21) EyeziHlabelelo ezil'i150.
(22) EyezAga.
(23) EyomShumayeli, etiwa "uEkklesiastes".
(24) IHubo emahubeni.
(25) EyokuHlakanipa.
(26) Eka'Sirak, etiwa "uEkklesiástikus" okung'ukuti "umshumayeli".

III.

Izincwadi ezil'i17 zabaprofete:

(27) Eka'Isaias.
(28) Eka'Jeremias.
(29) Eka'Baruk.
(30) Eka'Ezékiel.
(31) Eka'Dániel.
(32) Eka'Oseas.
(33) Eka'Joel.
(34) Eka'Amos.
(35) Eka'Abdias.
(36) Eka'Jonas.
(37) Eka'Mikeas.
(38) Eka'Nahum.
(39) Eka'Hábakuk.
(40) Eka'Sofonias.
(41) Eka'Aggeus.
(42) Eka'Zakarias.
(43) Eka'Malakias.

Ezohlobo lwokuqala (I):

(44) Eyoku1 yaoMakkabi.
(45) Eyesi 2 yaoMakkabi.

a_2.

Ukubaliswa ng'uMoya ocw.

Ukuti: **Ababala izincwadi zenCwadi ey'ingcwele babaliswa ng'uMoya ocwebileyo,** sekwatshiwo ku'*number* 234.

Ukubala kwabo songati ng'ukubula kwabaNgoma baka'Nkulunkulu ngoba (1) abazisukelanga, basuswa ng'uMoya wake ukuze babale, (2) abaz'enzelanga, b'enziwa yiwo ukuba babale ngendaba yokuti kumbe eyokuti, (3) bat'uma sebebala, abazibalelanga, babaliswa yiwo, yikona bezobala isiminya sika'Nkulunkulu, bangapambeki.

299. S'azi ngani ukuti ababala izincwadi zeTestamente elidala babaliswa ng'uMoya ocw. na?

Ukuti ababala izincwadi zeTestamente elidala babaliswa ng'uMoya ocw., siyakwazi ngokutsho kuka'Jesu nokwabApostole nangemfundiso enikezelweyo.

Kuy'aziwa ngezincwadi zas'endulo ezisekona ukuti inhlanganisela[1]) yezincwadi zeTestamente elidala, njengoba injalo namhla, yais'injalo nas'endulo.

1. *UJesu* waevam' ukukuluma "ngemiBalo", efun' ukubonisa ngayo amaJuda nabafundi bake ukuti ung'uye uKristo lowo owaebikezelwe kakade, nokuti kuswelekile ukuba 'enziwe ukuti nokuti, «*yikona kuzaugcwaliseka imiBalo*», «*ngoba kubaliwe emiBalweni*».[2]) Ke, uJesu ekuluma "ngemiBalo", kuyabonakala ukuti amaJuda 'ezwa ukuti ukuluma ngenhlanganisela leyo yezincwadi zeTestamente elidala, ezaz'aziwa yiwo wonke umuntu wakwa'Juda ukuti y'izincwadi eziy'ingcwele, ezipete okwakwambulwe ng'uNkulunkulu, njengaloko umprofete lowo omkulu, uDavid, waete: «*Ukukuluma kwami, kukuluma uMoya ka'Nkulunkulu, izwi lawo livele ngolimi lwami.*»[3]) Futi nang' uJesu ezifakazela lezo 'zincwadi ukuti zipete isiminya sika'Nkulunkulu, eti: «*Nina* ('maJuda) *niyafunisisa emiBalweni, ngoba nitemba ukuti ningafumana kona ukupila kwapakade; yiyona-ke efakazela mina.*»[4])

2. *AbApostole* batsho nabo kaningi ukuti kung'uMoya ocw. owabalisa ababala izincwadi zeTestamente elidala, beti, yiwo owakuluma ngomlomo wabo.[5]) Nanti izwi lika'Petrus ocw.

[1]) Yiko okubizwa esiNgisini ngokuti "the canon" okul'izwi lesiGreke lokuti "kanon". — [2]) Matth. 5,21.27.31. 22,29.43. 24,15. 26,24.31.54. Luk. 4,21. 16,29.31. 18,31. 24,27. 44. Joh. 5,34-39.46. 7,38. 13,18. 17,12. — [3]) 2. Kos. 23,2. — [4]) Joh 5,39. — [5]) Enz. 1,16.20 4,25. 7,24. 8,24. 28,23. Rom. 1,2. 16-17. 3,10. Gal. 3,8. 2. Tim. 3,15. Heb. 1,5. 3,7. 4,4. 10,15. 2. Pet. 1,20-21.

eliqeda yonke indaba, eti: *Sinezwi labaprofete* (elabaNgoma baka'Nkulunkulu pela) *eli sinalo kumakunga, eli enza kahle uma nilinakisisa, linjengesibani esikanya ku kumnyama kona, kuze kuse, kuhliwe xenu xize-ke xipunyelwe ikwezi; qalani niqonde ukuti emaxwini es'emiBalweni abulwa* (abaNgoma baka'Nkulunkulu) *akuko kwa, amantu angasuka aziqasiselele lona ngokwake. Ngobapela k'okwabulwa* (abaNgoma baka'Nkulunkulu) *akuko okwake kwaveza ngokuzitandela kwomuntu, qa, ukuvela kwako, amadoda aqwebilego akuluma 'enziwe ng'uMoya ocw.**)

300. S'azi ngani ukuti ababala izincwadi zeTestamente elitsha babaliswa ng'uMoya ecw. na?

Ukuti ababala izincwadi zeTestamente elitsha babaliswa ng'uMoya ocw. siyakwazi, ngoba "iBandhla elifundisayo" lapiwa amandhla okufundisa isiminya sika'Nkulunkulu ngapandhle kwokupambeka.

1. Kus'obala ukuti, ukubala kwabo isiminya sika'Nkulunkulu, *abApostole* babala ngawona lawo 'mandhla abafundisa ngawo ngomlomo (*number* 282). Kodwa ukubaliswa kwabo ng'uMoya ocw., babengabali ngalawo 'mandhla odwa nje, ngoba, ukususwa ukuba babale izindaba zokuti, ai ezinye, basuswa yiwo uMoya ocw., nokuzibala zona, babaliswa, yiwo, beqondiswa yiwo, yikona bengayikupambeka.

Okwabalwa *ku Andhla zabApostole* ezinjengoMarkus noLukas kwavunywa yibo abApostole. Ke, kuvunyiwe yibo, kus obala ukuti nako kuy'isiminya sika'Nkulunkulu.

2. Umlomo wokuti, abApostole kanye nezAndhla zabo babaliswa ng'uMoya ocw., nowokuti, yizip' izincwadi ezabalwa kanjalo, utatele kubona abApostole. Kwati-ke bengaseko, kwakukona aaaw'aziyo lom'lomo; yilabo pela abalandelana nabo esikundhleni sabo. Kanjalo kwati kusadhlule ikulu linye nje leminyaka uJesu azalwa, yaseyaziwa inhlanganisela yezincwadi zonke zeTestamente elitsha; kw'aziwa nokuti ezinye, okwatiwa ziy'ingewele, aziy'ingewele zibunjwe abantu nje abangabaliswanga uMoya ocw. Kwaza kwati ngonyaka wama374 uPapa uDámasus wanquma le'ndaba, wati, izincwadi zeTestamente elitsha yilezo ez'aziwa ngomlomo otatele ku'bApostole, zona lezo pela ez'aziwa kusel'ikulu linye nje leminyaka uKristo azalwa, zona lezo futi ezisel'«iTestamente elitsha» nanamhlanjé.

3. Ukuti kwakuyilo kwaziwa ukuti ababala inCwadi ey'ingcw. babaliswa ng'uMoya ocw., kuy'ezwakala nangabakutshoyo oYise nabaBali beBandhla. *UOrigenes noKrisostomus noTheodoret bati*

*) 1. Pet. 1, 19-21.

inCwadi ey'ingcwele ibaliwe ng'uMoya ocw. *UAugustin noGregor noKrisostomus* bati, y'inCwadi uNkulunkulu ayibalile, wayitumela kwabadalwa uye. *UKlemens noIrenæus noHippolit* bati, amazwi as'enCwadini eyingcw. ng'amazwi ka,Nkulunkulu. ng'uye okuluma ngayo, ofundisa ngayo abantu. *UJustin noGregor noAthenágoras* bati, ababala izincwadi lezo babeng'umlomo nezandhla zoMoya ocw. - Kungako-ke oYise beBandhla bavam' ukuti, iBaibele *liy'inCwadi ka'Nkulunkulu.*

4. Sekutshiwo ku'*number* 290 ukuti amaProtestante. elahla imfundiso enikezelwe ngokwomlomo, ak'azi noma kuyizipi izincwadi ezil'iBaibele. Ngakona loku angeke 'azi nokuti, ababala lezo 'zincwadi babaliswa uMoya ocw. Lipi-ke iBaibele lawo, uma kunjalo, na? Aike nembala, abanye abafuudisi bawo, abati, bay'izazi, sebeyatsho ukuti iBaibele liy'incwadi njengezinye izincwadi zonke nje.

Pela, uma amaProtestante enalo iBaibele, analo ngokuba ukumuka kwawo eBandhleni eliyilo lika'Nkulunkulu, amuka nalo. Futi, uma eti, iBaibele lipete izwi lika'Nkulunkulu , angatsho nje ngokuba amuka naloku 'kwazi, amuka nalolu 'kolo. mhla emuka eBandhleni eiiyilo lika'Nkulunkulu.

b_2.

Ukucasiselwa kwenCwadi ey'ingcwele.

301. Njengoba nguMoya ocw. owabalisa ababala inCwadi ey'ingcwele, ng'uba okwazi ukucasisela okukuyo na?

Njengoba ng'uMoya ocw. owabalisa ababala inCwadi ey'ingcwele, yiwo uMoya ocw. nabapiwa yiwo amandhla, abakwazi ukucasisela okukuyo.

1. Uma encwadini, oyitumele wena 'Bani ku'muntu, kukona izwi elimxakayo, lixake nabanye ababuzayo, omunye ati, liti..., omunye ati, liti..., sokung'ubani ongatsho ukuti, ngempela liti ..., na? Kung'uwe pela oyibale le'ncwadi. Ke, nxa ngapezu kwaloku besapikisana, bengakolwa okutsho wena 'mbali wencwadi, konje ngokupikisana kwabo nangokuzicasiselela kwabo bangayigugula yini ingqondo yokutshilo wena na? Bangeke; sebengafana nezinhlanya nezilima eziewensayo.

Iyo indaba yenCwadi ey'ingcwele. Njengaloko ng'uMoya ocw. owabalisa abayibala, yiwo okwaz' ukutsho ukuti, loko 'kuti kuti ... Kanti-ke, wona ugobo ungakulumi nabantu. uzifunele lapa emhlabeni *umlomo*. Pela, umlomo lo l'iBandhla elifundisayo uPetrus nabApostole.

Incwadi yomuntu icasiselwa umuntu.
Incwadi ka'Nkulunkulu icasiselwa ng'uNkulunkulu nabapete amandhla ka'Nkulunkulu.

2. Ukuti kunjalo ngempela, kuyabonakala nangabafundisi bamanga. Akukabiko namunye ongalwelanga imfundiso yake ngokuti, amazwi okuti nokuti as'enCwadini ey'ingcw. aqinisela imfundiso yake yokuti.

Uma kutsho abafundisi abakulu bamabandhla amaProtestante, izwi elinye lelo lokuti: «*Loku kung'umcimba wami*; *loku kul'igazi lami*», lipata ka'ma20 nangapezu kwawo. Kanti isiminya sika 'Nkulunkulu sinye nga'ndabanye. Ngako-ke kusizani uma *Church*, noWesley, nabas'eMelika, namaRitualiste, nmfundisi ong'uBanibani, nomuntu omnyama ong'uBanibani—kusiza-ni pela uma bonke labo bezipupela ngalel'izwi ukuti nokuti nokuti-ni inganti lona alil'izwi lika'Luther nelika'Bani nelika'Bani, kul'izwi lika'Jesu, l'izwi lika'Nkulunku. Ngako-ke ng'uye ongatsho ukuti liti-ni; nembala ng'uye owatshela abApostole ukuti liti-ni. Ng'uye futi owabatumela uMoya wesiminya ongazikulumeli okwawo, okuluma konke okuzwayo, otata k'okwake ub'azise kona, obakumbuza konke. E! AbApostole betshelwe ng'uKristo uqobo bekunjuzwe futi «uMoya ka'Kristo», nabo bonke abanjengabo, yibo abangatsho ukuti lelo'zwi lika'Kristo liti-ni, ukupela kwabo kodwa.

b.

Abalandelana nabApostole banesikundhla sokufundisa ngapandhle kwokupambeka sona leso, ababenaso abApostole.

302. Njengaloko uPetrus waengepambeke ekufundiseni, abalandelana naye bangapambeka yini?

Qabo; njengaloko uPetrus waengepambeke ekufundiseni, nabalandela naye bangepambeke loku beng'"uPetrus",

Number 281. Abalandelana nol'etrus, kutiwa ng'aol'apa, njengoba kuzaucazwa pambili.

303. UPapa angepambeke nga'zip'izindaba na?

UPapa angepambeke ngezindaba zokolo, noma kung'ukukweza imfundiso ka'Jesu nabApostole, noma kung'ukunquma indaba yokolo, noma eyemfundiso noma eyenkambo yamakolwa ukupela.

Ukunquma indaba yokolo, ul'apa unquma indaba yokolo, la «ekuluma es'esihlalweni" sika'l'etrus, okung'ukuti uma etsho ukuti *ngamandhla anawo eng'ul'etrus*, us'eyanquma indaba yokuti. Uma ul'apa ekuluma nje indaba yokolo njengamanye amakolwa, noma eshumayela esontweni njengabanye ababishopu nabapriste, noma ebala inewadi njengoba ey'isazi nje akuso ukunquma indaba yokolo, engatshongo njalo ukuti us'enquma indaba yokolo.

Ukuti amakolwa anomteto wokukolwa konke akutshoyo uPapa nokunjengokuti, into emnyama imhlope, nokuti, liyana lingani nokuti-ni nokuti-ni, kuy'insumansumane nje exoxwa izilima ezing'azi 'luto kung'amanga futi aqanjwa izita zeBandhla eliyilo lika'Kristo, ziliqambela ngamabomu.

304. Njengaloko abaApostole benoPetrus babengepambeke ekufundiseni, nabaBishopu benoPapa bangapambeka yini?

Qabo; njengaloko abApostole benoPetrus babengepambeke ekufundiseni, nabaBishopu benoPapa bangepambeke, loku beyibo abApostole benoPetrus.

Ukungapambeki kwabo, bangepambeke ngezindaba zokolo, (1) bekweza imfundiso ka'Jesu neyabApostole, noma behlakazekile nomhlaba wonke, bevumelana kodwa, bekunye noPetrus, uPapa pela. Bangepambeke futi (2) uma benquma indaba yokolo, behlangene noPapa emHlanganweni weBandhla lonke, oweBandhla elifundisayo belu.

305. Ngako-ke umHlangano weBandhla lonke elifundisayo ungapambeka yini ngezindaba zokolo na?

Qabo; umHlangano weBandhla lonke elifundisayo ungeke upambeke ngezindaba zokolo.

Umhlangano wokuqala weBandhla lonke elifundisayo w'enziwa abApostole uqobo eJerusalem (*number* 264, T. t. 100) Nansi

imiHlangano yeBandhla lonke
ey'enzeka, abApostole bengaseko.

	ngonyaka		ngonyaka
(1) Owoku 1 was'eNikea	325	(12) Owesi 4 was'eLaterano	1215
(2) Owoku 1 was'eKonstantinopel	381	(13) Owoku 1 was'eLyon	1245
(3) Owas'eEfesus	431	(14) Owesi 2 „	1274
(4) Owas'eChalcedon (eKalzedon)	451	(15) Owas'eVienne	1311—1312
(5) Owesi 2 was,eKonstantinopel	553	(16) Owas'eKonstanz	1414—1418
(6) Owesi 3 was'eKonstantinopel	680—681	(17) Owas'eBasel; w'esuka kona waya eFerrara; wabuya w'esuka, waya eFlorenz, wapelela kona	(1431—1434)
(7) Owesi 2 was'eNikea	787	(18) Owesi 5 was'eLaterano ..	1512—1517
(8) Owesi 4 was'eKonstantinopel	869	(19) Owas'eTrento	1545—1563
(9) Owoku 1 was'eLaterano (eRoma)	1123	(20 Owas'eVatikano (eRoma) waqalwa	1869
(10) Owesi 2 „	1139	wayekwa	1870
(11) Owesi 3 „	1179	aukapeli nanamhla.	

2.

IBandhla lil'isu lokusindisa abantu. ngoba lil'isu lokubakwezela nokub'amukelisa amandhla okulungiswa nokulunga.

Isiminya sika'Nkulunkulu, yiyona 'nto yokuqala eswelekile ku'muntu, yikona ezakwazi ukuti, uNkulunkulu ufun' ukuba 'enze-ni. Kepa sona isiminya ngokwaso sodwa nje, nokwazi isiminya kona kodwa nje akusindisi 'muntu. Kuswelekile ukuba umuntu akwenze as'ekwazi ukuti, uNkulunkulu uyakufuna, uyatanda ukuba akwenze.

Kanti, njengoba sekw'ezwakala kaningi, ukwenza akufunayo uNkulunkulu, ukwenza pela okuswelekile ukuba *umuntu* afike kwa'*Nkulunkulu*, umuntu uy'ahluleka enawake amandhla nje odwa. Aike, ses'ezwa ku'*numbers* 165—177 ukuti, ukusindisa kwake abantu, uJesu wasebenzela bonke abantu onke amandhla okulungiswa nokulunga: (1) inhlaulo yezono, ukuteteleleka, (2) ixotsho elicwebisayo, (3) amaxotsho asizayo.

306. Njengaloko uJesu wasebenzela abantu amandhla okulungiswa nokulunga, kutiwa, uy'ini na?

Njengaloko uJesu wasebenzela abantu amandhla okulungiswa nokulunga, kutiwa, ung'«umPriste omkulu» wabantu, kutiwa futi, ung'«umLungiseli was'emkatini».

Elokuti «umpriste» (number 269) liqondisa «umlungiseli wabantu ku'Nkulunkulu».

UJesu uKristo ung'umPriste omkulu wabantu, ngoba ng'uye yedwa owalungisela abantu ngokuyiko ku'Nkulunkulu, nangoba bwonke ubupriste obuyibo butatela kuye, noma kung'obwas'esi-Vumelanweni esidala noma esitsha.

Njengoba kung'uye uJesu uKristo owaesebenza onke lawo 'mandhla okulungisa abantu, kus'obala ukuti uye ong'umniniwo futi. Ngako-ke umuntu owaswele angawafumana kuye; nanjengoba ebuyele ezulwini, angawafumana ezinduneni zake ezimbambele lapa emhlabeni.

307. Wat'emuka emhlabeni, uJesu w'emuka yini nalawo 'mandhla okulungiswa nokulunga kwabantu na?

Qabo, 'emuka emhlabeni, uJesu kamukanga namandhla okulungiswa nokulunga kwabantu, wawashiya eBandhleni lake, es'eqambile nezindhlela zokwamukeliswa wona.

308. Amandhla obupriste bwake, uJesu wawashiya k'obani na?

Amandhla obupriste bwake, uJesu wawashiya ku'bApostole bake.

Washiya kubona

1. amandhla okuvulela abantu iBandhla, yikona beyakwaz' ukungena—*umBapatizo;*

2. amandhla okub'ehlisela isiSizi sokubaewebisa nokubaqinisa, uMoya ocw.—*umQiniso;*

3. amandhla okupindapinda ukubonga kwake kwas'onqamlezweni—*iSakramente lokubonga okutiwa elas'elatini;*

4. amandhla okutetelela abantu izono—*imPendukiso;*

5. amandhla okusiza abapansi kwokufa—*umGcobo wokugcina;*

6. amandhla okwamukelisa labo abazaulandelana nabo ubupriste—*ubuPriste;*

Emakolweni as'engenile ngempela eBandhleni washiya

7. amandhla okwamukelisana isakramente lomtshado —*umTshado.*

Kuyabonakala-ke ukuti yilezi 'zindhlela ezi'si7 zokwamukelisa abantu amandhla okulungiswa nokulunga, ezaqanjwa uJesu uqobo, okutiwa, ng'«amasakramente».

309. Emandhleni obupriste, uJesu owawashiya ku'bApostole, kukona namandhla okwenza-ni na?

Emandhleni obupriste, uJesu owawashiya ku'bApostole, kukona namandhla okuyala usatana, nokugoma nokuhlahlamelisa nokucwebisa abantu nezinto.

T. t. 32.—Yonke indaba iyakukulunywa esahlukweni somteto woku1 ka'Nkulunkulu, nakwesesakramente lobupriste, nakwesamasakramentale.

310. S'azi ngani ukuti ngokufa kwabApostole ubupriste abupelanga na?

Ukuti ngokufa kwabApostole ubupriste abupelanga, siyakwazi ngokuba abApostole babeyala abamiswa yibo ukuba bamise abanye futi; siyakwazi nangemfundiso enikezelweyo.

1. *Numbers* 269—271, 273, 275.

2. Kuy'ezwakala ngenCwadi ey'ingew. nangemfundiso enikezelweyo ukuti, seloku iBandhla ladabuka, kwakung'abApostole nabalandelana nabo, bona bodwa, ab'amukelisa abantu amasakramente, ukuti pela kwakukona njalo *iBandhla el'amukelisayo nel'amukeliswayo.*

3. Singazibonela nangengqondo nje ukuti indaba yobupriste

indawonye neyesiminya sika'Nkulunkulu (*number* 278). Akuso abantu bas'emihleni ka'Jesu nabApostole bona bodwa, abaswela ubupriste, abaswela pela ukwamukeliswa amandhla okulungiswa nokulunga, kung'abantu bonke.

311. Kubonakala ngani ukuti akuso amakolwa onke anamandhla obupriste na?

Ukuti akuso amakolwa onke anamandhla obupriste, kuyabonakala ngokuba uJesu wat'uma eshiya ubupriste, wakuluma ku'bApostole bodwa; kuyabonakala nangemfundiso enikezelweyo.

1. Watsho ku'bApostole bodwa ukuba babapatize, ukuba batetelele izono, ukuba babonge njengaye. Okwamanye amasakramente kuyakuzwakala esahlukweni zawo.

2. Kade sizwa ku'*number* 310 ukuti kokubili, inCwadi ey'ingcw. nemfundiso enikezelweyo, kufakazele ukuti kwakuyiloku kukona iBandhla el'amukelisayo nel'amukeliswayo.

Aike, le'ndaba ib'ingaswel' ukukulunywa, uma *amaProtestante abambelela ku'Luther naku'Kalvin nakwabanjengabo* eb'engalahlanga ubupriste. Abulahliswa y'ini na? Pela, asina'kulanda zonke izisusa; nas' esinye! Kwakungeko 'mbishopu owahlubuka; adinga-ke abokwamukelisa abanye ubupriste. At'uma es'elahlile ubupriste, kwasweleka ukuba alahle nemvama yamasakramente. Kulapo-ke, la aes'eqala ukuzicasiselela amazwi ka'Petrus ngeyawo ingqondo. Encwadini yake yoku1 uPetrus uti: « . . . *nani songati ning'amatshe apilayo, n'akiwe pezu kwalo* (itshe elipilayo, uKristo), *ukuze nibe y'indhlu yokwomoya, nibe umhlangano wabapriste abacwebileyo bokwetula okwokubonga ngokwomoya okuyolile ku'Nkulunkulu, kuyoliswa ng'uJesu 'Kristo*»,[1]) uti futi: *Kepa nina nil'uhlobo oluketiweyo, ning'umhlangano wabapriste abang'amakosi*».[2]) Ati-ke amaProtestante lawo, naku kutsho uPetrus uqobo ukuti yilowo nalowo 'muntu okoliweyo, owesilisa nowesifazana, ung'umpriste. Po, uma yilelo nalelo 'kolwa ling'umpriste, yini ukuba angatsho ukuti yilelo nalelo 'kolwa liy'inkosi, loku naku kutiwa: ning'umhlangano wabapriste abang'amakosi, na? Pela, kus'obala ukuti ng'ukudinga nje okwawacazisa lawo 'mazwi ka'Petrus ngendhlela engazange yaziwe endulo. Wonke umuntu osileyo angazibonela ukuti uPetrus walinganisa nje, njengoba kulinganiswa nalapo kutiwa eTestamenteni elidala: *Nina* ('bakwa'Israel) *niyakuba kimi umbuso wamakosi ang'a bapriste, nibe isizwe esicwebileyo.*»[3]) Osuk' efundile indaba yabakwa'Israel uy'azi ukuti kuqala kwakung'uNkulunkulu yedwa

[1]) 1. Pet. 2, 5.—[2]) 1. Pet. 2, 9.—[3]) 2. Mos. 19, 6.

oy'inkosi yabo, kwasokuba umuntu munye oyiyo, nokuti kwakung'abakwa'Levi bona bodwa abang'abapriste kwa'Israel.

Ibandhla lamaNgisi alilahlanga ubupriste; kwakuhlubuke belu nababishopu. Kepa kwat'uba kudhlule isikati esitile, baqala ukuziguqulela yona indhlela yokwamukelisa ubupriste, alahlekelwa-ke ubupriste, njengoba kuzauzwakala pambili. Amanye-ke amabandhla, acezuka eBandhleni lamaNgisi, alahla ubupriste njengamaProtestante amaJalimani.

312. Ngapandhle kwamasakramente awako yini amanye amasu okufumana amandhla esawasetshenzelwa ng'uJesu na?

Yebo, ngapandhle kwamasakramente akona amanye amasu okufumana amandhla esawasetshenzelwa ng'uJesu: ng'ukutandaza neminye imisebenzi yonke nje emihle.

Isu elinjengokutandaza nokusebenza imisebenzi emihle lis'emandhleni ayilowo nalowo 'muntu, akufuneki ubupriste kuloku. Kanti kus'obala ukuti, seloku uJesu, uNkulunkulu uqobo pela, watsho ukuti, oswele ukuti akal'amukele isakramente lokuti, loko 'kuti kungeke kutolakale nanga'kup' ukutandaza nanga'mip' imisebenzi emihle.

3.

IBandhla lil'isu lokusindisa abantu ngoba lil'isu lokupatela uJesu nokumalusela umhlambi wamakolwa ake.

313. Amandhla okubusa nokwalusa iBandhla lake, uJesu wawashiya ku'bá?

Amandhla okubusa nokwalusa iBandhla lake, uJesu wawashiya ku'Petrus naku'bApostole.

Numbers 268-269.

314. Kubonakala ngani ukuti ng'uPetrus nabApostole bona bodwa abapiwa amandhla okubusa nokwalusa iBandhla na?

Kuyabonakala ngokuba uJesu watsho ku'Petrus naku'bApostole bona bodwa lawo 'mazwi owashiya ngawo amandhla okubusa nokwalusa iBandhla.

Numbers 249-251, 253, 258-259. Kuy'ezwakala-ke ukuti kukona iBandhla elibusayo nelibuswayo, elipeteyo nelipetweyo, elibopayo nelibotshwayo, elitukululayo nelitukululwayo, el'alusayo nel'aluswayo.

315. Kubonakala nangani ukuti akuso amakolwa onke, uJesu owashiya kuwo amandhla okubusa nokwalusa iBandhla lake na?

Kuyabonakala nangokuba uJesu watsho ku'bApostole bodwa ukuti: «Ozwa nina uzwa mina, odelela nina udelela mina».[1])

316. Kubonakala nangani futi na?

Kuyabonakala nangoba uJesu wati: «Ongalaleli neBandhla akabe kinina njengeqaba nomtelisi.»[2])

Ngokuti «ongalaleli iBandhla» kuy'ezwakala ukuti kung'umuntu opetweyo, ngako-ke ngakuba kona iBandhla elimpeteyo.

317. Kubonakala nangani ukuti akuso amakolwa onke, uJesu owashiya kuwo amandhla okubusa nokwalusa iBandhla lake na?

Kuyabonakala nangoba uJesu walifanisa nombuso nomhlambi.

Uma wonk' umuntu ey'inkosi, uma wonk' umuntu eng'umalusi, akuko 'mbuso, akuko 'mhlambi. *Number* 271 pakati.

Aike, kweziningi izinhlobo zamaProtestante kufana nokuti, umalusi unikwa amandhla ng'umhlambi, inganti umhlambi ol'iBandhla lika'Jesu, aku'mhlambi ozipeteyo, upetwe, ufuyiwe yilowo owalitenga ngegazi lake.

318. Ukubusa kwabo, abApostole b'enza njani na?

Ukubusa kwabo, abApostole bahlela yileso naleso 'sikolo, bemisa abakulu bazo, besola, bebabaza amakolwa, behlaulisa, bebandhlulula amanye.

Numbers 263, 264. Ezincwadini zabo kuy'ezwakala ukuti yibo abapete izikolo, beyala, b'enqaba, bequba, bevimba, belungisa pela zonke izindaba zezikolo.

319. S'azi ngani ukuti, ukufa kwabApostole, amandhla okupata nokwalusa amakolwa akapelanga na?

Ukuti, ukufa kwabApostole, amandhla okupata nokwalusa amakolwa akapelanga, siyakwazi ngamaninginingi amazwi abApostole, ikakulu ngelokuti: «UMoya ocw. ubeke ababishopu ubabekele ukupata iBandhla lika'Nkulunkulu».[3])

320. S'azi nangani ukuti, ukufa kwabApostole, amandhla okupata iBandhla akapelanga na?

Siyakwazi nangoba, selo iBandhla ladabuka, amakolwa alo ab'eyiloku 'azi, evuma ababishopu nabasebenzisana nabo ukuti bang'abakulu beBandhla.

1. Ukuba amaProtestante eti, isikundhla sobubishopu savela nje ngokuba abatile babepanga ubukosi, kwazis' ukuti akafundile

[1]) Luk. 10,16.—[2]) Matth. 18,17.—[3]) Enz. 20,28.

neze izinewadi zas'endulo. Ngobapela osuk' ezifundile uy'azi ukuti amakolwa as'endulo ab'ebambelela nokubambelela k'okwavela ku'bApostole. Ke, uma isikundhla sabakulu abanjengababishopu sasingavelanga kubon' abApostole, amakolwa nga'alile. Kanti kuzo zonke izinewadi zas'endulo akuzwakali neyodwa indaba enjalo. Okuzwakala kuzo zonke ng'ukuti, ababishopu nabasebenzisana nabo balandelana nabApostole, nokuti bang'abakulu beBandhla, njengaloko abApostole babeyibo besekona.

Pela, kuyabonakala ukuti indaba yababishopu yaqala nje ukupikwa, ngamhla abafundisi bamanga bacezukisa amakolwa kambe eBandhleni eliyilo, b'ahluleka kodwa ukucezukisa nababishopu. E! Kwati-ke bekohliwe noma bangatata-pi ababishopu, basebeqala ukufundisa amanga nangendaba yababishopu, ukupela kwendaba.

2. Nokuziqondakalela, kuziqondakalela kakade ukuti, njengoba iBandhla laswel' ukupatwa nokwaluswa emihleni yabApostole, nanamhla nanini liswel' ukupatwa nokwaluswa. Kwazis' ukuti, isikundhla sokupata nokwalusa asipeli ngokufa kwabasipete.

Njengoba iBandhla lil'isu *lokufundisa* abantu isiminya sika'Nkulunkulu, kukona iBandhla
elifundisayo* *nelizwayo.

Njengoba iBandhla lil'isu *lokwamukelisa* abantu amandhla okulungiswa nokulunga, kukona iBandhla
el'amukelisayo* *nel'amukeliswayo.

Njengoba iBandhla lil'isu *lokubusa nokupata nokwalusa* abantu balo, kukona iBandhla
elibusayo* *nelibuswayo.
elipeteyo* *nelipetweyo.
el'alusayo* *nel'aluswayo.

IV.

Iziqamiso zeBandhla lika'Jesu 'Kristo.

Saqala salifunda iBandhla ukuti laliy'ini, linjani uJesu uqobo esekona emhlabeni, saza sabona ukuti laliy'ini, linjani abApostole besekona nalapo bengaseko. Besesibona ukuti, njengokwake uJesu, lil'isu lokusindisa abantu bonke, yilowo nalowo ngokwake. Manje-ke, uma liyilo, kus'obala ukuti wonke umuntu otand' ukusinda uyaliswela. Eliswela-ke, kufuneka nokufuneka ukuba l'azeke kalula, libe y'into eqamile pela. E! Kuswelekile ukuba kube

Umfanekiso wokuvela nokwanda kweBandhla elik

(W'enziwa uL

uKristo owabonga ngawo onqamlezweni



1. Ukuti iTestamente elidala lapelela kwelitsha, ukuti lapelela eBandhleni elikatolike belu, kufanekisiwe emfanekisweni elilandelana nepeji 144.

2. ITestamente elitsha, iBandhla elikatolike pela, ladabuka ekubongeni kuka'Kristo onqamlezweni, lapelela ngokwehla kwoMoya ocw., ngonyaka ongatiti owama33 uKristo azalwa.

3. Ukuqala (nokupela) kwebandhla ngebandhla kubonakala ngemidwa edabulayo, eqala pezulu iqonde pansi. Kanjalo elabaka-'Novátsian laqala pakati kwama200 nama300 eminyaka, lapela seku'ma500 namashumana.

4. Ukwanda nokuncipa kwamabandhla kufanekisiwe ngokwanda nokuncipa kwemidwa etatela kwesekohlo iqonde kwesokunene.

5. Kwesokunene somfanekiso kukona imidwana enesibalo soku-ti 50. Ke, yilelo nalelo bangana elipakati kwemidwana emibili lifanekisa 50.000.000. Kanjalo ekubekaneni neBandhla elikatolike kukona imidwana emi5. Ngako-ke linamakolwa ama50×50.000.000=250.000.000.

6. Ibandhla lamaGreke laqala ukwahlukana neBandhla elikatolike, kungapakati kwe1000 ne1100. Umkatshana omhlope wokuqala ufanekisa ukubuyela kwalo kwelohlanga emhlanganweni wesi2 was'eLyon (1274), kanti labuya lacezuka. Owesibili ufanekisa ukubuyela kwalo kwesibili emHlanganweni was'eFlorenz (1439); ngaleyo 'nkati bonke abalo, nabas'eRussia, bamvuma uPapa ukuti umkulu eBandhleni lonke. Aike, labuya lacezuka. Lisacezukile; kodwa amanye amabandhlana alo as'ebuye abuyela; futi kaloku kuzanywa kakulu ng'amaKatolike namaGreke ukuba kubuye kube umhlambi munye.

7. Imidwa efanekisa amabandhlanyana atile mikulu, ubuhlonze bwayo, kunobekufanele. Ngokwempela ngaefanekiswa imidwana ecitsh' ukungabonakali nakanye.


8. AmaProtestante (aka'Luther, aka'Zwingli, a'maNgisi, aka'Kalvin) aqal' ukuhlubuka eBandhleni lohlanga la sekupezu kwama1500 uKristo azalwa, amaWeseli, la sekupezu kwama1700.

9. Indaba yamabandhla, njengoba ibonakala lapa emfanekisweni, yainjalo ngonyaka wama1900. Kepa izibalo ezilandelana namagama amabandhla, ziti, amakolwa awo aengako ngonyaka wama1911.

olike nokwamabandhlabandhla atile ati aka'Kristo.

(Hammerstein S. J.)

o kwaza kwaba unyaka wamakulu al'i19 (1900).



Bandhla elikatolike,
okutiwa elas'eRoma.

Amakolwa alo kuy'izigidi ezingapezu kwama 265
265.000.000

AmaGnostiki.
Abaka'Montanus.
Abaka'Novatsian.
Abaka'Mani (amaManikei).
Abaka'Donatus.
Abaka'Arius.
Abaka'Mazedonius.
Abaka'Pelagius.
Abaka'Nestorius.
Abaka'Eutikes, amaMonofisite.
AmaMonothelete.

Amabandhla ebandhla lamaGreke.

AmAlbigensi.
Abaka'Waldes (amaWaldensi).
Abaka'Huss.
Abaka'Luther.
Abaka'Zwingli.
Ibandhla lamaNgisi (abas'e*Church*).
Abaka'Kalvin.
AmaPresbiteriani.
AmaBapatizi.
Abaka'Jansen(ius).
AmaMethodisti (amaWeseli, abas'eMelika).
AbeVangeli.
Abaka'Irving.

Onke amaProtestante a'nhlobonhlobo ehlangene:
143.237.652.

Abazibiza ngokuti amaKatolike amaJalimani.
Abazibiza ngokuti amaKatolike a'luhlobo 'ludala.

kona izinto ezitile eziliqamisayo. Yizo-ke, esiti, y'iziqamiso ze-Bandhla lika'Jesu 'Kristo.

321. Kuswelekile ngempela yini ukuba iBandhla lika'Jesu libe neziqamiso na?

Yebo, kuswelekile ngempela ukuba iBandhla lika'Jesu libe neziqamiso, ngoba seloku el'enze isu lokusindisa abantu bonke, kuswelekile ukuba l'azeke kalula.

1. Bekungasweleki ukuba kukulunywe loku, uma bekungeko amaProtestante ati, iBandhla lika'Jesu ng'elokwomoya wodwa nje, l'iBandhla belu elingabonakaliyo (*number* 243 ekugeineni). Pela, kus'obala ukuti, ukutsho njalo, atshiswo ukudinga nje, ngoba iziqamiso lezo, iBandhla eliyilo lika'Jesu elaliyiló l'aziwa ngazo, zalahlekela amabandhla awo.

2. UJesu, eng'uNkulunkulu, waazi ukuti kuzauvela abafundisi bamanga. Nembala, kwati uma iBandhla lake lisasand' ukumiswa nje, basebeqala ukuvela, babuya balandelwa abanye njalo, kwaza kwaba namhla. Kwavela-ke amabandhla ngamabandhla, yilelo nalelo liti, ling'elika'Jesu. Kanti lilinye nje elamiswa ng'uJesu, kuswelekile ukuba lona eliyilo libe neziqamiso zalo.

Aike, ngesikubonile seloku saqal' ukukuluma indaba yeBandhla lika'Jesu, iziqamiso zalo zis'obala:

322. Yisipi isiqamiso sokuqala, iBandhla, njengoba lamiswa ng'uJesu, eliqame ngaso, na?

Isiqamiso sokuqala, iBandhla, njengoba lamiswa ng'uJesu, eliqame ngaso, ng'esokuti: l'akiwe eTsheni eling'uPetrus nas'esiSekelweni esing'abApostole.

323. Yisipi isiqamiso sesibili, iBandhla, njengoba lamiswa ng'uJesu, eliqame ngaso na?

Isiqamiso sesibili, iBandhla, njengoba lamiswa ng'uJesu, eliqame ngaso, ng'esokuti: linye. li'bunye.

1. Linye, umumo walo.

2. Li'bunye (a) ngemfundiso, (b) ngobupriste namasakramente, (c) ngokuba 'mbuso nomhlambi munye.

Aike, izazi zas'emaProtestanteni ezinjeng'uHarnack nabanye nje ziti zifundisisile izinewadi zas'endulo, nazo ziyavuma ukuti ubunye lobu bweBandhla buy'into ekona.

324. Yisipi isiqamiso sesitatu, iBandhla, njengoba lamiswa ng'uJesu, eliqame ngaso, na?

Isiqamiso sesitatu, iBandhla, njengoba lamiswa ng'uJesu, eliqame ngaso, ng'esokuti: liy'ingewele.

1. Elokuti "ngcwele" kumbe "cwebile", ukupatwa kwalo eBandhleni, lipata kabili: (a) Liqondisa ukuti okutile (ingelosi, umuntu, into) kuy'"into ka'Nkulunkulu", ngoba inhle, iyolile kuye, kumbe yahlukaniselwe Yena, kumbe ng'eyake uqobo. Ukuti ingelosi "ecwebileyo" kuti ingelosi ka'Nkulunkulu. «Umuntu "ocwebileyo" ng'umuntu ka'Nkulunkulu, omuhle, ovumekile kuye, kumbe owahlukaniselwe Yena; kanjalo enCwadini ey'ingcw. onke amakolwa, kutiwa, ng'abacwebileyo kumbe izicwetshiswa. Igazi lika'Jesu liy'"ingcwele", loku liy'into ka'Jesu. Isonto liy'indhlu ey'ingcwele, loku ng'eka'Nkulunkulu.

(b) Liqondis' ukuti okutize *kulungile* kumbe *kuyalungisa.* Kus'obala ukuti yonke into ey'ingcwele ilungile, loku y'"into ka'Nkulunkulu". Into enjalo ingalungisa futi. Igazi eliy'ingcwele lika'Jesu, njengoba liy'into ka'Jesu, li"lungile"; kodwa nokulungisa, linga"lungisa", li"cwebise" inhliziyo zetu, ngokuba lisihlanza izono esinazo.

2. IBandhla lika'Jesu liy'ingcwele, (a) ngoba lil'iBandhla lika-'Nkulunkulu, limiswe inDodana ka'Nkulunkulu, licwetshiswa y'isi-Sizi, uMoya ocwebileyo, umCwebisi.

Liy'ingcwele (b) ngoba lil'isu lokucwebisa, lokulungisa abantu ngokufundisa isiminya sika'Nkulunkulu, ngokub'amukelisa amandhla okulungiswa nokulunga, nangokub'alusa.

325. Yisipi isiqamiso sesine, iBandhla njengoba lamiswa ng'uJesu, eliqame ngaso, na?

Isiqamiso sesine, iBandhla, njengoba lamiswa ng'uJesu, eliqame ngaso, ng'esokuti: likatolike.

Likatolike (*number* 255) ng'ukuti: limiselwe ukusindisa abantu bakuwo wonke nabezikati zonke.

V.

Kuwo onke *ama*bandhla akona ati aka'Jesu yilipi *i*Bandhla lake na?

326. S'azi ngani ukuti iBandhla lika'Jesu lisekona na?

Ukuti iBandhla lika'Jesu lisekona, siyakwazi ngoba kwakubikezelwe kakade ukuti aliyikupela, nangoba uJesu watsho ukuti aliyikupela.

Numbers 242, 252, 280.

Ukufuna kwetu leli 'Bandhla lika'Jesu, sing'enza njani na? Pela, songati singafuna lapo kukonjwa kona yiwo amabandhla, apume eBandhleni "lohlanga," eBandhleni "elidala". Asifune-ke, sibone noma iBandhla okutiwa elikatolike, elas'eRoma, alisilo yini elohlanga na.

1.
IBandhla okutiwa "elikatolike" li'nto'nye nelamiswa ng'uJesu uKristo ngoba l'akiwe eTsheni eling'uPetrus nas'esiSekelweni esing'abApostole.

a.
IBandhla "elikatolike" l'akiwe eTsheni eling'uPetrus.

327. IBandhla okutiwa elikatolike, yilo el'akiwe ng'uJesu eTsheni eling'uPetrus yini na?

Yebo, iBandhla okutiwa elikatolike, yilo el'akiwe ng'uJesu eTsheni eling'uPetrus, ngoba, selo uPetrus wafa eng'umBishopu was'eRoma, walandelwa ng'abalandelana naye esikundhleni sake.

Kungako-ke nas' isaga siti: "UPetrus akafi". Kusiza-ni ukupika kwamaProtestante? Kufana nokupika ukuti, ebantwini abamnyama "umnumzana akafi". Kuyafa belu lowo 'Bani ong'umnumzana. Kanti isikundhla sake kasifi, kasipeli. Nans' inkosana ilandelana naye, ingasey'inkosana, is'ing'umnumzana, opete onke amandhla akade epetwe yilowo ob'eng'umnumzana. Ke, kusiza-ni uma nga kupikwa ukuti umteto wabantu abamnyama unjalo, loku wona umteto umi, ungena'kucitwa ng'abawupikayo.

328. UmBishopu was'eRoma olandelana noPetrus ubizwa ngokuti-ni na?

UmBishopu was'eRoma olandelana noPetrus ubizwa ngokuti: uPapa.

Leli'zwi ng'elesiGreke lokuti "pappas"; ngesiLatini kutiwa "papa", ngesiNgisi "pope"; ukuhunyutshwa kwalo ngesiNtu liti nje "ubaba".

Aike, endulo impela bonke nje ababishopu, kwezinye îndawo nabapriste nabadiakone, babebizwa ngaleli 'gama, njengaloku nanamhla kweziningi izizwe ezikoliweyo umpriste ubizwa ngokuti "'Baba".*) Kwati-ke uma sekudhlule amakulu ama4 eminyaka uKristo azalwa, kwasokuba umBishopu was'eRoma yena yedwa obizwa ngokuti "uPapa", loku eng'uyise weBandhla lonke, njengoba eng'umBambeli ka'Kristo lapa emhlabeni. Nalapo aes'edhlulile amakulu a'si7 eminyaka, abaBishopu bas'eRoma nabo uqobo basebeqala ukuzibiza ngalo.

*) NgesiLatini kutiwa *Pater*, ngesiNgisi *Father*, ngesItaliano *Padre* etc.

Nanka amanye amagama ka'Papa. Elinye sesiyal'azi, elokuti *umBambeli ka'Kristo* kumbe *umBambeli ka'Nkulunkulu.* UPapa uGregor omkulu (590—604) waqalisa ukuzibiza ngokuti *isigqila seziggila zika'Nkulunkulu* kumbe *owokukonza abakonza uNkulunkulu;* aike nanamhla oPapa bazibiza ngalo. Elinye, kutiwa *uBaba ocwebileyo* kumbe *uBaba ocwebe cwe,* kungenxa yesikundhla sake esiy'ingcwele cwe. Elinye-ke, kutiwa *umBishopu wabaBishopu* (ngesiNgisi: *Bishop of Bishops*) kumbe *umPrist' omkulu kwabaPrist'abakulu* (ngesiNgisi: *Supreme Pontif*).

La kukulunywa ngesikundhla sika'Papa, kuvam' ukutiwa *isi-Hlalo sika'Petrus* kumbe *isiHlalo somApostole.*

Ubukosi bwake, uPapa uy'inkosi enkulu, nanamhla amakosi amakulu omhlaba asamvumile ukuti undawonye nawo, nakuba w'amukwa izwe okutiwa l' ifa lika'Petrus .—Ingubo yake imhlope (eyezinceku zake ezinkulu, oKardinale, ibomvu; eyababishopu iluhlaza; eyabapriste imnyama).—Isigqoko sake sobukosi si'miqele 'mitatu, kutiwa ng' utiara .—Indhlu yake, 'ake kuyo kaloku, kutiwa ng' uVatikano (inamakamelo ay'izi11.000). Is'eceleni nesonto lika'Petrus ocw. lapo kukona isidumbu sake nenxenye yesika'Paulus ocw. (l'anele abantu abay'izi80.000); liyawadhlula onke amasonto ngobukulu nobuhle bwalo.

Njengaloko uPetrus wafa eng'umBishopu was'eRoma, nanjengoba abalandelana naye esikundhleni sake beng'abaBishopu bas'eRoma, iBandhla lika'Jesu livam' ukutiwa *iBandhla las'eRoma.*»—Naku

ukulandelana kwaoPapa bonke,

namagama abo, nesizwe sakubo, neminyaka ababepete ngayo iBandhla. Aike, lapo kungabaliwe kona ukuti uBanibani ng'owangapi, kwazis' ukuti ung'owas'eItália kumbe ngakona. La iminyaka ing'azisiswa, kwofumaniseka "?" Futi, ngezinye izikati kwakukona uPapa ongesiye, owabanga noPapa ong'uye: aike imvama yalabo kababalwanga lapa, loku bengesibo oPapa. Ngokubanga okunjalo kwavela okutiwa «uskisma omkulu was'empumalanga (elokuti "skisma" ng'elesiGreke, liti "ukwahlukana"); waqala ngonyaka 1378, wapela ngonyaka 1415; oPapa abayibo bangaleyo 'nkati ng'uUrban VI., uBonifaz IX., uInnozent VII. noGregor XII.

Ikulu 1. Ieminyaka uKristo ezelwe (1—100).

	iminyaka		iminyaka
1. uPetrus ocw., owas'eGalileya, umFelukolo, wafa	67?	3. uAnenkletus ocw., iGreke, umFelukolo	79-90?
2. uLinus ocw., umFelukolo	67-79?	4. uKlemens ocw., umFelukolo	90-99?

Ikulu 2. leminyaka (100—200).

iminyaka

5. uEvarist ocw., iGreke?, umFelukolo .. .. 99—107?
6. uAleksander I. ocw., umFelukolo .. .. 107—116
7. uSikstus I. ocw., otiwa futi uKsistus, umFelukolo 116—125
8. uTélesfor ocw., iGreke, umFelukolo .. .. 125—136
9. uHigin ocw., iGreke, umFelukolo .. .. 136—140
10. uPius I. ocw., umFelukolo .. .. .. 140—154
11. uAnizet ocw., owas'eSiria, umFelukolo .. .. 154—165
12. uSoter ocw., umFelukolo .. .. 165—174
13. uEleutherus ocw., iGreke, umFelukolo .. .. 174—189
14. uViktor I. ocw., owas'eAfrika, umFelukolo .. 189—198

Ikulu 3. leminyaka (200—300).

15. uSéverin ocw., umFelukolo .. .. 198—217
16. uKalistus ocw., umFelukolo .. .. 217—222
17. uUrban I. ocw., umFelukolo .. .. 222—230
18. uPontsian ocw., umFelukolo .. .. 230—235
19. uAntherus ocw., iGreke, umFelukolo .. .. 235—236
20. uFábian ocw., umFelukolo .. .. 236—250
21. uKornélius ocw., umFelukolo .. .. .. 251—253
22. uLuzius I. ocw., umFelukolo .. .. .. 253—254
23. uStefan I. ocw., umFelukolo .. .. 254—257
24. uSikstus II. ocw., iGreke, umFelukolo .. .. 257—258
25. uDionis ocw., iGreke, umFelukolo .. .. .. 259—268
26. uFeliks ocw., umFelukolo .. .. 269—274
27. uEutíkian ocw., umFelukolo .. .. 275—283
28. uKayus ocw., owas'eDalmatsia, umFelukolo .. 283—296
29. uMarzellin ocw., umFelukolo .. .. 296—304

Ikulu 4. leminyaka (300—400).

30. uMarzellus ocw., umFelukolo .. .. .. 308—309
31. uEusébius ocw., umFelukolo .. 309 (kumbe 310)
32. uMiltíates ocw., otiwa futi uMelkiades, owas'eAfrika 311—314
Y'inkati ka'Kónstantin omkulu, uKesare was'eRoma, owavulela ukolo olukatolike.
33. uSilvester I. ocw., 314—335
34. uMarkus ocw. .. 336
35. uJúlius I. ocw. 337—352
36. uLibérius ocw. .. 352—366
Waxotshwa ng'uKonstántsius, uKesare was'eRoma, wabuya wabuyela.
(uFeliks II. ocw. .. 357—358 uLibérius es'exotshiwe).
37. uDámasus I. ocw., owas'eSpánia. .. .. 366—384
Wanquma indaba yokuti yizipi izincwadi zenCwadi ey'ingcwele (iBaibele).
38. uSirízius ocw. .. 384—399
39. uAnastásius I. ocw. 399—401

Ikulu 5. leminyaka (400—500).

	iminyaka		iminyaka
40. uInnozent I. ocw.	401—417	Wavimbela uAttila noGénserik.	
41. uZósimus ocw., iGreke ..		46. uHilárius ocw.	461—468
.. ..	417—418	47. uSimpliz ocw.	468—483
Walahla uPelágius noSeléstius.		48. uFeliks II. ocw.	483—492
42. uBónifaz I. ocw.	418—422	49. uGelásius I. ocw., owas'e-	
43. uSélestin I. ocw.	422—432	Afrika	492—496
44. uSikstus III. ocw.	432—440	50. uAnastásius II. ocw.	496—498
45. uLeo I. ocw. omkulu	440—461	51. uSimmakus ocw.	498—514

Ikulu 6. leminyaka (500—600).

52. uHormisdas ocw.	514—523	60. uPelágius I. ..	556—561
53. uJohannes I. ocw.	523—526	61. uJohannes III.	561—574
54. uFeliks III. ocw.	526—530	62. uBénedikt I. ..	575—579
55. uBónifaz II. ..	530—532	63. uPelágius II. ..	579—590
56. uJohannes II. ..	533—535	64. uGregor I. ocw. omkulu	
57. uAgapet I. ocw.	535—536	.. ..	590—604
58. uSilvérius ocw.	536—537	Watumela kwelamaNgisi abafu-	
59. uVigílius ..	537—555	ndisi.	

Ikulu 7. leminyaka (600—700).

65. uSabínian ..	604—606	76. uVitálian ocw.	657—672
66. uBónifaz III. ..	607	77. uAdeodatus ..	672—676
67. uBónifaz IV. ocw.	608—615	78. uDonus	676—678
68. uDeusdedit ocw.	615—618	79. uAgatho ocw., iGreke ..	
69. uBónifaz V. ..	619—625	.. ..	678—681
70. uHonórius I. ..	625—638	80. uLeo II. ocw. ..	682—683
71. uSéverin waketwa	638	81. uBénedikt II. ocw.	684—685
wamiswa	640	82. uJohannes V., owas'eAntiokia	
72. uJohannes IV.	640—642	.. ..	685—686
73. uThéodor I., iGreke	642—649	83. uKonon, owas'eThrakia ..	
74. uMartin I. ocw. umFelukolo		.. ..	686—687
.. ..	649—653	84. uSérgius I., owas'eSiria ..	
75. uEugen I. ocw.	654—657	.. ..	687—701

Ikulu 8. leminyaka (700—800).

85. uJohannes VI., iGreke ..		90. uGregor III. ocw., owas'eSi-	
.. ..	701—705	ria	731—741
86. uJohannes VII., iGreke ..		91. uZakarías ocw., iGreke ..	
.. ..	705—707	.. ..	741—752
87. uSisínius, owas'eSiria	708	92. uStefan II. ..	752—757
88. uKónstantin, owas'eSiria		Izwe laoPapa, okutiwa l'"ifa	
.. ..	708—715	likaPetrus", labuyiselwa, l'andi-	
89. uGregor II. ocw.	715—731	swa ng'uPipin, inkosi yama-	

	iminyaka		iminyaka
Franki.		95. uHádrian I. ..	772—795
93. uPaul I. ocw. ..	757—767	96. uLeo III. ocw. ..	795—816
(uKonstantin II.	767—768)	Waqelisa uKarl omkulu, uKesare.	
94. uStefan III. ..	768—772		

Ikulu 9. leminyaka (800—900).

97. uStefan IV. ..	816—817	107. uJohannes VIII.	872—882
98. uPaskal I. ocw.	817—824	108. uMarínus I.	882—884
99. uEugen II. ..	824—827	(uMartin II.)	
100. uValentin	827	109. uHadrian III.	884—885
101. uGregor IV.	827—844	110. uStefan V.	885—891
102. uSérgius II.	844—847	111. uFormósus	891—896
103. uLeo IV. ocw.	847—855	(112. uBonifaz VI.	896)
104. uBenedikt III.	855—858	113. uStefan VI.	896—897
105. uNíkolaus I. ocw. omkulu		114. uRoman	897
.. ..	858—867	115. uTheodor II.	897
106. uHádrian II.	867—872	116. uJohannes IX.	898—900

Ikulu 10. leminyaka (900—1000).

117. uBenedikt IV.	900—903	132. uLeo VIII.	964—965
118. uLeo V.	903	133. uBenedikt V.	964
119. uKristóforus	903—904	Wayekiswa isikundhla.	
120. uSergius III.	904—911	134. uJohannes XIII.	965—972
121. uAnastásius III.	911—913	135. uBenedikt VI.	973—974
122. uLando	913—914	(uBonifaz VII.	974)
123. uJohannes X.	914—928	136. uBenedikt VII.	974—983
124. uLeo VI.	928	137. uJohannes XIV.	983—984
125. uStefan VII.	928—931	138. uBonifaz VII., iFrentshi	
126. uJohannes XI.	931—935	.. ..	984—985
127. uLeo VII.	936—939	139. uJohannes XV.	985—996
128. uStefan VIII.	939—942	140. uGregor V., iJalimani ..	
129. uMarínus II.	942—946	.. ..	996—999
(uMartin III.)		(uJohannes XVI.	997—998)
130. uAgapet II.	946—955	141. uSilvester II., iFrentshi	
131. uJohannes XII.	955—964	.. ..	999—1003

Ikulu 11. leminyaka (1000—1100).

142. uJohannes XVII.	1003	145. uBenedikt VIII.	1012—1024
143. uJohannes XVIII. ..		146. uJohannes XIX.	1024—1032
.. .. ..	1003—1009	147. uBenedikt IX. (a)	1032—1044
144. uSergius IV.	1009—1012	Wayekiswa isikundhla.	
Waqalisa ukuziqamba elinye igama; ngelombapatizo waeng'uPetrus.		148. uSilvester III.	1045
		uBenedikt IX. (b)	1045
		Waziyekela isikundhla.	

iminyaka

149. uGregor VI. 1045—1046
Waziyekela isikundhla.
150. uKlemens II., iJalimani .. .. .. 1046—1047
uBenedikt IX. (c) 1047—1048
Wayekiswa isikundhla.
151. uDámasus II., iJalimani 1048
152. uLeo IX. ocw. iJalimani .. . .. 1049—1054
153. uViktor II. iJalimani .. .. 1055—1057
154. uStefan IX., iJalimani .. .. 1057—1058
155. uBenedikt X. 1058—1059
Wayekiswa isikundhla.
156. uNikolaus II. 1058—1061
157. Aleksander II. 1061—1073
158. uGregor VII. ocw. 1073—1085
159. uViktor III. .. 1086—1087
160. uUrban II., iFrentshi .. .. .. 1088—1099
161. uPaskal II. 1099—1118

Ikulu 12. leminyaka (1100—1200).

162. uGelasius II. 1118—1119
163. uKalistus II. iFrentshi .. .. .. 1119—1124
164. uHonórius II. 1124—1130
165. uInnozent II. 1130—1143
166. uSelestin II. 1143—1144
167. uLúzius II. 1144—1145
168. uEugen III. ocw. 1145—1153
169. uAnastásius IV. 1153—1154
170. uHadrian IV., iNgisi .. .. .. 1154—1159
171. uAleksander III. 1159—1181
172. uLúzius III. 1181—1185
173. uUrban III. 1185—1187
174. uGregor VIII. .. 1187
175. uKlemens III. 1187—1191
176. uSelestin III. 1191—1198
177. uInnozent III. 1198—1216

Ikulu 13. leminyaka (1200—1300).

178. uHonórius III. 1216—1227
179. uGregor IX. 1227—1241
180. uSelestin IV. .. 1241
181. uInnozent IV. 1243—1254
182. uAleksander IV. 1254—1261
183. uUrban IV., iFrentshi .. .. .. 1261—1264
184. uKlemens IV. iFrentshi .. .. 1265—1268
185. uGregor X. ocw. 1271—1276
186. uInnozent V., iFrentshi 1276
187. uHadrian V. 1276
188. uJohannes XXI., owas'ePortugal . .. 1276—1277
189. uNikolaus III. 1277—1280
190. uMartin IV., iFrentshi .. .. 1281—1285
191. uHonorius IV. 1285—1287
192. uNikolaus IV. 1288—1292
193. uSelestin V. ocw. .. 1294
Waziyekela isikundhla.
194. uBonifaz VIII. 1294—1303

Ikulu 14. leminyaka (1300—1400).

195. uBenedikt XI. 1303—1304
196. uKlemens V., iFrentshi .. .. .. 1305—1314
Waya'kwaka eAvignon (Ukutunjelwa eBabilon).
197. uJohannes XXII., iFrentshi .. .. .. 1316—1334
198. uBenedikt XII., iFrentshi .. .. .. 1334—1342
199. uKlemens VI., iFrentshi

iminyaka
.. .. .. 1342—1352
200. uInnozent VI., iFrentshi .. .. .. 1352—1362
201. uUrban V. ocw., iFrentshi .. .. .. 1362—1370
Wabuya eAvignon, wabuyela eRoma.
202. uGregor XI., iFrentshi .. .. .. 1370—1378
Naye w'enza njalo.
203. uUrban VI. 1378—1389
(uKlemens VII. 1378—1394)
204. uBonifaz IX. 1389—1404
(uBenedikt XIII., iFrentshi .. .. .. 1394—1424)

Ikulu 15. leminyaka (1400—1500).

205. uInnozent VII. 1404—1406
206. uGregor XII. 1406—1415
Waziyekela isikundhla.
(207. uAleksander V. 1409 -1410)
(208. uJohannes XXIII. .. .. 1410—1415)
209. Martin V. 1417—1431
210. uEugen IV. 1431- 1447
211. uNikolaus V. 1447—1455
212. uKalistus III. 1455—1458
213. uPius II. 1458—1464
214. uPaul II. 1464—1471
215. uSikstus IV. 1471—1484
216. uInnozent VIII. 1484—1492
Y'inkati, uKolumbus owaqabuka ngayo elas'eAmerika.
217. uAleksander VII., owas'eSpania .. .. 1492—1503.

Ikulu 16. leminyaka (1500—1600).

218. uPius III. 1503
219. uJulius II. 1503—1513
Waqala ukwaka isonto lika'Petrus ocw. lona lelo elisekona.
220. uLeo X. .. 1513—1521
Wabandhlulula uLuther.
221. uHadrian VI., iJalimani .. .. .. 1522—1523
222. uKlemens VII. 1523—1534
Wabandhlulula uHenry VIII.
223. uPaul III. 1534—1549
Wamema umHlangano was'eTrento.
224. uJulius III. .. 1550—1555
225. uMarzellus II. .. 1555
226. uPaul IV. .. 1555—1559
227. uPius IV. .. 1559—1565
Wafeza umHlangano was'eTrento.
228. uPius V. ocw. 1556—1572
229. uGregor XIII. 1572—1585
Walungisa u«Calendar».
230. uSikstus V. 1585—1590
231. uUrban VII. .. 1590
232. uGregor XIV. 1590—1591
233. uInnozent IX. .. 1591
234. uKlemens VIII. 1592—1605

Ikulu 17. leminyaka (1600—1700).

235. uLeo XI. 1605
236. uPaul V. 1605—1621
237. uGregor XV. 1621—1623
238. uUrban VIII. 1623—1644
239. uInnozent X. 1644—1655
240. uAleksander VII. 1655—1667
241. uKlemens IX. 1667—1669
242. uKlemens X. 1670—1676
243. uInnozent XI. 1676—1689
244. uAleksander VIII. .. .. .. 1689—1691
245. uInnozent XII. 1691—1700

Ikulu 18. leminyaka (1700—1800).

	iminyaka		iminyaka
246. uKlemens XI.	1700—1721	250. uBenedikt XIV.	1740—1758
247. uInnozent XIII.	1721—1724	251. uKlemens XIII.	1758—1769
248. uBenedikt XIII.	1724—1730	252. uKlemens XIV.	1769—1774
249. uKlemens XII.	1730—1740	253. uPius VI. ..	1775—1799

Ikulu 19. leminyaka (1800—1900).

254. uPius VII.	1800—1823	258. uPius IX. ..	1846—1878
255. uLeo XII.	1823—1829	W'amukwa "ifa lika'Petrus".	
256. uPius VIII.	1829—1830	259. uLeo XIII.	1878—1903
257. uGregor XVI.	1831—1846		

Ikulu 20. leminyaka (1900—2000).

260. uPius X. 1903—

329. Emabandhleni ati aka'Jesu kukona yini el'akiwe eTsheni eling'uPetrus na?

Qa, **ema**bandhleni ati aka'Jesu kaliko nelilodwa el'akiwe eTsheni eling'uPetrus; futi kaliko eliti, l'akiwe kulo.

1. **Ama**bandhla onke lawo 'ahlukene ngemvelo nangemfundiso nangemiteto yawo. Into nje, ahlangene ngayo, ng'ukudiliza iTshe lelo, uJesu al'ake kulo iBandhla lake. Kanti alidiliki, seloku Yena oy'inDodana ka'Nkulunkulu watsho wati: «Wena ung'uPetrus, uLitshe; ke, kulel'itshe ngizakwaka iBandhla lami, amasango esihogo kayikul'ahlula.»[1])

Kukona abati, bafun' ukubona izimangaliso, yikona bezaukolwa iBandhla elikatolike, njengaloko namaJuda aefuna izimangaliso ku'Jesu.[2]) Nasi-ke isimangaliso ezimangalisweni:

Itshe eling'uPetrus alidilikanga, alidiliki, aliyikudilika nanini umhlaba ungakapeli.

Alidilikanga, nakuba okesare[3]) labo ababeamaqaba, b'enzakalisa, bebulala oPapa namakolwa. Babulala uPapa wokuqala, uPetrus ocw., nabanye oPapa aba'ma29 ababelandelana naye. E! Kona besatola nje isikundhla sabo, babez'azela bonke ukuti bangabulawa ngenxa yokukolwa. Noko alidilikanga iTshe lelo. Futi amakosi lawo abulala amakulukulu ezinkulungwane zamakolwa (number 276,1) kwaza kwaba unyaka 313. Noko alidilikanga. -Alidilikanga nakuba naokesare labo abasebeamakolwa babehlupa noko oPapa neBandhla ngezinye izikati kakulu impela.—

[1]) Matth. 16,18.—[2]) Matth. 16,1-4.—[3]) Amakosi amakulu as'eRoma aebizwa ngokuti "okesare", okutiwa ngesiNgisi "Caesars".

Alidilikanga, nakuba, ukwahlukana kwebandhla lamaGreke neBandhla elikatolike, kwacezuka kulo amakulukulu ezinkulungwane zabantu.—Alidilikanga, nakuba kwavelavela njalo abafundisi bamanga, kwaza kwavela imfundiso yamaProtestante (1517), aefunisisa ukulidiliza. Aike, kw'esuka kulo izinkulungwane, kanti l'ema lona.

Alidiliki, nakuba nanamhla abafundisi bamanga besafunisisa ukulidiliza. Alidiliki, nakuba imihlangano etize, enjeng *ofreemasons* nabafana nabo, izinqumele ukulicita kanye neBandhla el'akiwe kulo.

Aliyikudilika, seloku uNkulunkulu uqobo wati, amandhla esihogo kayikul'ahlula.

2. Njengoba isaga sokuti: *Lapo kukona uPetrus, kulapo la kukona iBandhla* sil'iqiniso, kul'iqiniso futi ukuti: Lapo uPetrus engeko kona, neBandhla aliko lapo. Ake sitate-ke izinhlobo ezinkulu zamabandhla ati aka'Jesu, sibone noma kukona yini el'akiwe eTsheni eling'uPetrus.

(a) *Amabandhla avela "ebandhleni lamaGreke":*[1])—"Ukwahlukana"[2]) kwebandhla lamaGreke kwaqala, uPhotius[3]) eng'uPatriarke was'eKonstantinopel (wafa 891), kwapelela, ngamhla omunye uPatriarke wakona, uCaerulárius,[4]) waqinela izitunywa zika'Papa, ezazama ukubuyisela amaGreke okolweni oluyilo; waes'ebandhlululwa ngonyaka wen1054. Aike, emHlanganweni weBandhla lonke was'eLyon (1247) amaGreke abuyela eBandhleni; kodwa atshetsha 'ahlukana nalo futi (1282). Ati-ke ebuyele futi eBandhleni emHlanganweni was'eFlorenz (1439), abuya acezuka kulo. 'Ahlukene nalo seloku.

Zimbili nje ikakulu izindaba zokolo, ibandhla lamaGreke el'ahlukene ngazo nokolo olukatolike: ukupuma kwoMoya ocw. ku'Yise *benenDodana*, nokuti, umBishopu was'eRoma, eng' uPetrus, umkulu eBandhleni *lonke* lika'Jesu. Into enkulu eyaikona: abaPatriarke bas'eKonstantinopel babebanga ubukosi, befuna ukulingana naoPapa.—Kuyabonakala ukuti indaba yamaGreke ng'umhlola wenkani nje, ngoba nawo ayabavuma oYise labo beBandhla ababeng'amaGreke, abafundisa kokubili loko ezincwadini zabo okupikwa yiwo.

Namhla akuse l'ibandhla lamaGreke, seku amabandhla 'ahlukene ngamakosi nangezizwe. Nanka: elas'eBukowina, elas'eBulgaria, elas'eKiprus, elakwelamaGreke, elas'eRumenia, elas'eRussia, elas'eSerbia, nelas'eHungary. Yileyo naleyo 'nkosi epete izwe ipete

[1]) ngesiNgisi: Schismatical Oriental Churches.—[2]) ngesiNgisi: *schism*.—[3]) yiti: uFotius.—[4]) yiti: uSeru . . .

nebandhla lakona. E! Amabandhla lawo ati ey'ala inkosi eyiyo yeBandhla, umBambeli ka'Kristo belu, as'eyakonza amakosikosi omhlaba.

Kus'obala-ke ukuti emabandhleni onke lawo amaGreke, kaliko el'akiwe eTsheni eling'uPetrus.

(b) *Amabandhla avela ku'Luther naku'Kalvin nabanjengabo:*—Y'into eng'umdwamba ukuti onke lawa 'mabandhla, elahlile ubupriste bwonke nje, akavumi iTshe eling'uPetrus, loku kuyilo kakulu al'enqabayo kunezinye izindaba zokolo olukatolike. Imvama yawo as'eyakonza amakosi omhlaba njengamabandhla amaGreke; amanye akana'nkosi.

(c) *Amabandhla avela ebandhleni lamaNgisi:*—

1. Imvelo yalo, inkosi yamaNgisi, uHenry VIII., yaxabana noPapa, uKlemens VII., ngoba w'enqaba nokuba itate omunye umfazi, inkosikazi yayo isekona. Yaza yati, akuse yilowo ohlezi esihlalweni sika'Petrus ong'uPapa weBandhla lamaNgisi, yati, sekuyiyo nje eng'uye. Kodwa ezinye izindaba zokolo olukatolike, aitintanga neyodwa kuzo; yati, wonk' umuntu olinga ukungenisa imfundiso ka'Luther kwelamaNgisi, akabulawe.

2. Kwati uHenry VIII. engaseko, sokubusa uEdward VI., kwasekungeniswa imfundiso yamaProtestante (1549).

3. Kwati-ke uElizabeth es'ey'inkosi yamaNgisi, kwabuya kwavunywa imfundiso yamaProtestante (1571).

Aike, njengoba inkosi yamaNgisi, noma eyesilisa noma eyesifazana, iy'inhloko yebandhla lamaNgisi, kus'obala ukuti lona kal'akiwe eTsheni eling'uPetrus.

b.
IBandhla "elikatolike" l'akiwe esiSekelweni esing'abApostole.

330. IBandhla "elikatolike" yilo yini elasekelwa ng'uJesu ngabApostole na?

Yebo, iBandhla "elikatolike" yilo elasekelwa ng'uJesu ngabApostole, ngoba ababishopu balo balandelana ngokuyiko nabApostole.

Ukuti ababishopu beBandhla «elikatolike» balandelana ngokuyiko nabApostole, kwaziwa ngokuba, seloku abApostole bamisa abanye ababishopu, seloku bati, nabo ab'enze njalo, kwabayiloku kwenziwa njalo eBandhleni «elikatolike» kuze kube namhla. Ngokumiswa kwabo ababishopu b'enziwa

1. abokugcina *isikundhla sokufundisa* abantu isiminya sika-'Nkulunkulu (*numbers* 269, 271, 275).—Futi, b'enziwa

2. abokugcina *isikundhla sobupriste*, babe abaprist' abakulu abambambele umPrist'omkulu, uJesu (*numbers* 270, 271, 274. 275, 307-310). Njengoba ubupriste bung'amandhla okulungisela abantu ku'Nkulunkulu, ikakulu ngokub'amukelisa amasakramente. kuyabonakala ukuti, eBandhleni elikatolike kusekona onke amasakramente ngokuba bwonke ubupriste bwabApostole obung'obuka'Jesu busekona kulo.—Futi, b'enziwa

3. abokugcina *isikundhla sokwalusela* uJesu umhlambi wake. babe abakulu beBandhla (*numbers* 269, 271, 274, 275).

E! Njengaloko *uPetrus akafi* , kanjalo *nabApostole kabafi* , basekona, ngoba isikundhla sabo asipeli, njengoba nesika'Petrus singapeli.

331. **Ema**bandhleni amaProtestante kukona 'bandhla yini el'akiwe esiSekelweni esing'abApostole na?

Qabo, **ema**bandhleni amaProtestante akuko 'bandhla el'akiwe esiSekelweni esing'abApostole, kungoba abakulu bawo kabalandelene ngokuyiko nabApostole.

1. *Amabandhla avele «ebandhleni lamaGreke»:—*

(a) Sesiy'azi ukuti inhloko yabApostole, uPetrus, aiko kuwo. Ababishopu bawo balandelana kambe nabApostole, kodwa kabatunyiwe uJesu, loku bengatunyiwe umBambeli wake. Bafana nomalusi oz'alusela nje umhlambi, umniniwo engamtumile. engamnikanga 'mandhla okwalusa.

(b) Ubupriste busekona kuwo, namasakramente ay'in7 asekona nawo. Ngako-ke, uma ababishopu nabapriste bawo besuka begcina amasakramente, ay'enzeka wona, loku besenawo amandhla obupriste. Kanti kubili okukona. Okwokuqala, kabana 'mvumelo. Ngani na? Ngoba kabatunyiwe, lokupela, seloku uJesu watuma abApostole bake okung'ukuti iziTunywa zake, akuko 'muntu eBandhleni lake ozitumayo, engatunywa umBambeli wake, uPetrus, uPapa pela. Okwesibili, linye isakramente eling'enzeki na'kwenzeka, uma umamukelisi walo engatunyiwe, elempendukiso. Kuyakuzwakala esahlukweni salo. Lapa singakomba nje ukuti, naku'bantu abamnyama indoda ezitetela amacala abantu bas'esigodini sokuti ingatunyiwe inkosi yakubo, itetel' ilize.

(c) Amabandhla lawo, eng'akiwe etsheni eling'uPetrus, futi ababishopu bawo bengahlangene noPetrus, uPapa pela, kuyabonakala ukuti ahluleka ukukweza yonke imfundiso ka'Jesu; kwokunye okunjengokupuma kwoMoya oew. ku'Yise benenDodana, nokunjengokuti, ng'uPetrus yedwa ong'umBambeli ka'Jesu eBandhleni lonke, apambeka, aduka ngempela.

2. *Amabandhla avela ku'Luther noKalvin nabanjengabo:—*

(a) Engena'babishopu, kus'obala ukuti abakulu nabalusi

bawo kabalandelene nabApostole. Njengoba eti, ng'umhlambi wamakolwa onamandhla, eti, yiwo onika abafundisi awawo amandhla, abafundisi bawo bayafana nomalusi womhlambi wênkomo, owanikwa yizo izinkomo amandhla okuz'alusa—into engeko, loku kungaba umninizo yena yedwa ongamnika wona.

(b) Sesitshilo ukuti alahlile ubupriste bwonke nje (*numbers* 311; 329, 2).—Amasakramente, asenawo, aku'*number* 339.

(c) Lapo kungeko «*insika nesisekelo sesiminya*»[1]) la kukona ibandhla eliti ng'elika'Jesu, ling'akiwe eTsheni eling'uPetrus, ling'akiwe esiSekelweni esing'abApostole,[2]) kuyabonakala ukuti sekul' ibandhla *labantu abaabantu njena,* abona ngokuba beabantu njena bangapambeka (*number* 280 ekugcineni).—Otand' ukwazi ukuti uLuther nabanjengaye bab'enza njani ukupikisana kwabo bebodwa nokutukana kwabo nokubandhlululana kwabo, nokuti balahla îmfundiso zokuti nezokuti zabApostole, nokuti baqamba îmfundiso zokuti nezokuti-ni, ezipambene zodwa, akafunde indaba yokw'enzeka eBandhleni *(Church History).*

3. *Amabandhla avela eBandhleni lamaNgisi:—*

a. amanye afana nesikade sikuluma ngawo, ngoba elahlile ubupriste.

b. amanye a'nhlobo 'mbili:

1. amanye ati, asenabo ubupriste, engavumi kodwa amasakramente onke;

2. amanye anjengamaRitualiste as'e*High Church* ati, asenabo ubupriste, namasakramente ayawavuma onke.

Kanti into ekona, kuwo onke amabandhla amaNgisi akuseko nelilodwa elisenobupriste. Yiwo amaProtestante amaNgisi uqobo aebuza le'ndaba ku'Papa; yati-ke ihlolisisiwe, uPapa uLeo XIII. wayinquma, wati, akuseko 'bupriste kuwo (13. Sept. 1896).

Njengaloku ababishopu bawo bengalandelene nabApostole, kus'obala ukuti nakuwo akuseko 'bakulu na'balusi abayibo.

Okukade kutshiwo ngendaba yemfundiso yamabandhla avela ku'Luther nabanjengaye, kungatshiwo nangeyamabandhla avela kwelamaNgisi.

IBandhla «elikatolike» lona lodwa lis'akiwe eTsheni eling'uPetrus nas'esiSekelweni esing'abApostole.

[1]) 1. Tim. 3,15.—[2]) Ef. 2,20.

2.

IBandhla "elikatolike" linye nelamiswa ng'uJesu ngoba lilinye, li'bunye.

332. Ubunye bwalo, iBandhla «elikatolike» li'nto'nye nelamiswa ng'uJesu na?

Yebo, iBandhla «elikatolike» li'nto'nye nelamiswa ng'uJesu, ngoba kuyilona lelo eladabuka kuye.

Numbers 255, 327-328, 330.

a.

IBandhla "elikatolike" li'bunye, imfundiso yalo.

333. Imfundiso yalo, iBandhla «elikatolike» lise'bunye yini njengeBandhla lika'Jesu nabApostole na?

Yebo, imfundiso yalo, iBandhla «elikatolike» lise'bunye nanamhla njengelika'Jesu nabApostole, ngoba seloku ladabuka, laliyiloku lifundisa yona leyo 'mfundiso ka'Jesu nabApostole.

1. Imfundiso yeBandhla elikatolike ingebe enye kuneyabApostole, loku uPetrus nabApostole besekona kulo, uPapa pela nababishopu. *Numbers* 327-328, 330.

Kungako-ke iBandhla elikatolike lifundisa okonakona, noma abApostole uqobo besekona noma bengaseko, noma kusel'ikulu linye nje leminyaka uKristo azalwa, noma sekwa'ma500 noma ama1500 (inkati ka'Luther), noma lifundisa namhla. Lifundisa okonakona, noma lisuka lifundisa eAsia noma eEurope noma eAfrika noma eAmerika, noma ku'lip'izwe. Lifundisa okonakona, noma lifundisa inkosi noma isicaka, umnumzana noma umfokazana, ompofu noma ofuyileyo, omutsha noma omdala, owesilisa noma owesifazana.

2. Ezindatsheni zonke zokolo, iBandhla las'endulo elalikolwa yizo, kaiko nainye, iBandhla elikatolike» elingasakolwa yiyo. Nezazi zas'emaProtestanteni ezifundile izincwadi zas'endulo, ezitsho into eziyifumene, ziyavuma ukuti kunjalo.

3. IBandhla elikatolike aliziqambanga ezinye imfundiso ezazingeko eBandhleni las'endulo. Into elay'enza, l'anela ukunquma nje ukuti, izimfundiso zokuti nezokuti zipetwe emfundisweni eyashiywa ng'abApostole eBandhleni.

Okwakwambulwe ng'uNkulunkulu eTestamenteni elidala ka'lufifi nje kwavela obala ngokufundisa kwenDodana ka'Nkulunkulu, uJesu uKristo *ogewele . . . isiminya* .*) Seloku Yena wab'ambu-

*) Joh. 1, 14.

lela abantu isiminya sika'Nkulunkulu, lesi 'siminya kasina'kuguqulwa, asina'kwenezelwa, sipelele sona ngokwaso. Kanti ukusiqonda nokusicaza lesi 'siminya kuy'enezeleka. *Yiko-ke kupela* elakwenza iBandhla lika'Jesu, lapo abafundisi bamanga bafuna ukupambana nemfundiso ka'Jesu nabApostole bake. Yiko elakwenza futi, lapo labona ukuti lingasiza kakulu amakolwa ngokuwabonisa indaba yokuti kumbe eyokuti epetwe emfundisweni ka-'Jesu nabApostole bake, eyaikade ingaqami kahle noma ipetwe kuyo ngempela yini.

Ukulinganisa, singati: Nans' impukane! Ukuyibona ngamehlo nje odwa ziningi izinto empukaneni ezicatshele amehlo ewodwa. Kanti, uma sesibuka yona le'mpukane ngombobo *(u microscope)*, zininginingi izinto eseziqamayo. Kusey'impukane yona leyo, njengaloku nemfundiso ka'Jesu nabApostole bake iseyiyona leyo. Kepa izinto ezazikona kakade empukaneni, ezikade zing'aziwa ukuti zikona kuyo, seziy'aziwa. E! Naz' izinto eziningana ezazikona kakade emfundisweni ka'Jesu nabApostole, ezikade zing'aziwa kahle ukuti zikona, seziy'aziwa. Umbobo *(u microscope)*— y'ingqondo yezazi nesikundhla sokukweza isiminya sika'Nkulunkulu nokusifundisa abantu ngapandhle kwokupambeka.

334. Izimfundiso **zama**bandhla ati aka'Jesu yizona lezo yini ezafundiswa ng'abApostole na?

Izimfundiso **zama**bandhla ati aka'Jesu, ezinye, aemuka nazo eBandhleni «elikatolike», ziseyizo ezafundiswa ng'abApostole; ezinye, ezaqanjwa yiwo, kazisizo.

335. **Ema**bandhleni ati aka'Jesu kukona 'bandhla yini eli-'bunye ngemfundiso yalo njengelika'Jesu na?

Qabo, **ema**bandhleni ati aka'Jesu akuko 'bandhla eli'bunye ngemfundiso yalo njengelika'Jesu, ngoba imfundiso ya-'bandhla linye yahlukene yodwa, futi eyelinye yahlukene neyelinye.

1. Amabandhla avela ebandhleni lamaGreke:—Wona apika imfundiso ezimbili zokolo olufundiswa l'iBandhla lika'Jesu nabApostole bake, *number* 329, 2.—Ngapandhle kwalezi 'zinto ezimbili nezinye izintwana, imfundiso yawo inye neyeBandhla elikatolike.

2. Amabandhla amaProtestante:—Into eyaqeda nya ubunye bwezimfundiso zamabandhlabandhla lawo y'imfundiso yawo yokuti: l'iBaibele lodwa elipete imfundiso *yonke* ka'Jesu nabApostole, neyokuti: wonk' umuntu eyedwa angazibonela ngokufunda iBaibele ukuti uJesu nabApostole bake bafundisa ukuti-ni. (*Numbers* 286-291; 300, 4; 301, 2.)

Kazi bakutate-pi ukuti yilowo nalowo ukanyiselwa ng'uMoya oew., yikona eyozibonela ngapandhle kwokupambeka ukuti uJesu nabApostole bake bafundisa ukuti-ni. Pela eBaibeleni, eNewadini ey'ingewele, akuko'zwi elinjalo.

b.

IBandhla "elikatolike" li'bunye, ubupriste bwalo nokwamukelisa kwalo abantu amandhla okulungiswa nokulunga.

336. Ubupriste bwalo, iBandhla «elikatolike» lise'bunye njengelika'Jesu nabApostole na?

Yebo, ubupriste bwalo, iBandhla «elikatolike» lise'bunye njengelika'Jesu nabApostole bake.

Kusekona ababishopu nabapriste nabadiakone njengas'endulo abasenawo lawo 'mandhla obupriste, abApostole ababepiwe wona uJesu (*numbers* 270, 274, 275). [Yonke indaba yobupriste iyaufumaniseka, lapo kutatwa kona isakramente lobupriste.]

337. Amasakramente alo, iBandhla «elikatolike» lise'bunye njengelika'Jesu nabApostole na?

Yebo, amasakramente alo, iBandhla «elikatolike» lise'bunye njengelika'Jesu nabApostole.

Njengoba iBandhla «elikatolike» laliyiloku likweza bwonke ubupriste, kanjalo laliyiloku likweza namasakramente onke a'si7 kwaza kwaba namhla. (Yonke indaba yamasakramente iyaukulunywa esahlukweni sawo.)

338. Namanye amasu alo okulungisa abantu, iBandhla «elikatolike» lise'bunye njengelika'Jesu nabApostole na?

Yebo, namanye amasu alo okulungisa abantu, iBandhla «elikatolike» lise'bunye njengelika'Jesu nabApostole.

Amasu okulungisa abantu: awokwandisa ixotsho elicwebisayo, awokutolisa amaxotsho asizayo, yonke imisebenzi emihle înhlobo ngênhlobo zayo.

Njengoba yonke indawo, lapo kukona iBandhla «elikatolike», kufunyaniswa imfundiso eyonayona njalo, kanjalo kufunyaniswa kona ubupriste obwonabwona, namasakramente awonawona, namanye amasu awonawona okulungiswa nokulunga. Yilo belu elikwezele abantu *onke* amandhla lawo, uJesu abazuzele wona ngokubasindisa.

339. **Ema**bandhleni amaProtestante kukona 'bandhla yini eli'bunye ngobupriste nangamasakramente alo njengelika'Jesu nabApostole na?

Qabo, **ema**bandhleni amaProtestante akuko 'bandhla eli-

'bunye ngobupriste nangamasakramente alo njengelika'Jesu nabApostole.

Number 331, 1.

1. Amabandhla onke amaProtestante angebe 'bunye ngendaba yobupriste, loku ubupriste uqobo bungaseko kuwo (*number* 331, 2&3). Ngamasakramente awo, aka'bunye; elinye ibandhla livuma isakramente linye, umbapatizo; elinye livuma amabili, umbapatizo nesidhlo senKosi, elinye livuma namanye atize; amaRitualiste as'e*Church* ayawavuma onke; amanye amabandhla kasalivumi nelilodwa.

Ubupriste bungeko emaProtestanteni nawa'lup' uhlobo, kuyabonakala ukuti mabili nje amasakramente awenzeka ngempela emaProtestanteni: (1) *umbapatizo,* uma obapatizayo enesibomu sokwenza elikwenzayo iBandhla ekubapatizeni, loku wonk' umuntu, nonge'mpriste nongabatshatiziwe nje, enamandhla lawa; (2) *umtshado,* ngoba abantu ababatshatiziweyo, la sebetatana ngempela, bay'amukelisana leli 'sakramente, uma iBandhla lingabavimbele.

Aike, lawo 'maProtestante, avuma "Isidhlo senKosi", akavumi 'luto, lokupela kungaseko 'muntu kuwo opete amandhla obupriste, anjengawokupendukisa isinkwa newaine, kube umzimba negazi lika'Jesu 'Kristo. Ke, kunjalo nje, kuyabonakala ukuti ng'amabandhla okungasabongwa kuwo (isahl. seSakramente lokubonga): umhlola isibili, oqamisa nokuqamisa ukuti akana'kolo oluyilo, lokupela zonke izizwe, nezamaqaba nezinjani, zibonga loko, eziti, ng'unkulunkulu wazo, njengaloku nabantu abamnyama bebonga amadhlozi.

2. *Njengokwemfundiso* yawo, amaProtestante, iningi lawo, alahlile namanye *amasu lawo okulungisa abantu* anjengemisebenzi emihle, înhlobo ngênhlobo zayo, nakuba ngokwenza kwawo ewavuma, njengaloko kuyakuzwakala pambili.

c.

IBandhla "elikatolike" li'bunye ukupatwa kwalo.

340. Ukupatwa kwalo, iBandhla "elikatolike" lise'bunye njengelika'Jesu nabApostole na?

Yebo, ukupatwa kwalo, iBandhla "elikatolike" lise'bunye njengelika'Jesu nabApostole, loku lisepansi kwomBambeli ka'Jesu, uPapa, nabApostole, ababishopu belu.

Into, ubunye bweBandhla lika'Jesu obusuka kuyo, busekelwe ngayo, il'iTshe owal'aka kulo iBandhla lake, eling'uPetrus owanikwa izihlutulelo zombuso wezulu. E! Wonke umuntu weBandhla

elikatolike, noma ey'ini kulo, noma eng'umbishopu, noma eng'umpriste, noma el'ikolwa nje, upansi kuka'Petrus, uPapa pela. Onke amakolwa eBandhla elikatolike, noma 'ake-pi, noma ng'abakwa'Bani, isizalo sakubo, noma e'mbala muni, al'iBandhla linye, ang'umbuso munye, ang'umhlambi munye, ngokuba onke evuma uPetrus munye, evuma nabanye abakulu bonke abavuma uPetrus, ngitsho ababishopu nabapriste.

341. Ukupatwa kwawo, **ama**bandhla ati aka'Jesu a'bunye yini njengeBandhla lika'Jesu nabApostole na?

Qa, ukupatwa kwawo, **ama**bandhla ati aka'Jesu aka'bunye njengeBandhla lika'Jesu nabApostole, ngoba yilelo nalelo linenkosi ngokwalo engesiye uPetrus.

As'enamakosikosi omhlaba nje—*numbers* 329 ngas'ekugcineni, 331, 1-3.

IBandhla "elikatolike" lona lodwa lise'nto'nye nelika'Jesu nabApostole, lise'bunye njengalo.

3.

IBandhla "elikatolike" linye nelamiswa ng'uJesu ngoba liy'ingcwele.

342. Ubungcwele bwalo, iBandhla "elikatolike" li'nto'nye nelamiswa ng'uJesu na?

Yebo, ubungcwele bwalo, iBandhla "elikatolike" li'nto'nye nelamiswa ng'uJesu, ngoba ling'elika'Nkulunkulu, nangoba licwebisa, lilungisa abantu ngemfundiso yalo, nangokub'amukelisa amandhla okulungiswa nokulunga, nangokub'alusa.

343. **Ema**bandhleni ati aka'Jesu kukona 'bandhla yini eliy'ingcwele njengeBandhla lika'Jesu nabApostole na?

Qa, **ema**bandhleni ati aka'Jesu akuko nelilodwa eliy'ingcwele njengeBandhla lika'Jesu nabApostole.

1. Kungoba onke amabandhla lawo akamiswanga uJesu, inDodana ka'Nkulunkulu. Ngako-ke, noma epikelela ukuti ang'amabandhla ka'Jesu, nokuti ang'amabandhla ka'Nkulunkulu ngoba ekolwa ku'Jesu, kus'obala ukuti akunjalo. Ngoba uJesu, ama-Protestante ati, akolwa kuye, wal'aka iBandhla lake eTsheni eling'uPetrus. Ke, wona engeko eTsheni lelo, kasilo iBandhla lika'Jesu, kasilo elika'Nkulunkulu; ngako-ke aka'ngcwele.—Into yesibili, *umuntu oumuntu njena* angemise iBandhla lika'NKULUNKULU, engapiwanga ng'uye uqobo amandhla okwenza njalo. Po-ke, uNkulunkulu wamupa nini uLuther amandhla okumisa

iBandhla lika'NKULUNKULU na? NoHenry VIII. noBanibani wapiwa nini ng'uNkulunkulu amandhla anjalo na? Pela nama-Protestante uqobo angeke atsho ukuti uNkulunkulu wabanika nini amandhla anjalo. (Ukuti abamisa amabandhla lawo babevuselela iBandhla lika'Nkulunkulu elal'onakele, kuyaupendulwa konamanje (*number* 344).

2. Emabandhleni amaProtestante akuseko 'bandhla eliy'ingcwele njengelika'Jesu nabApostole, ngoba kungaseko elikwezele abantu onke lawo 'masu okubacwebisa nokubalungisa, uJesu owawashiya eBandhleni lake: (a) imfundiso yake yona yonke, yona yodwa, (b) ubupriste namasakramente namanye amasu okulungiswa nokulunga, (c) abakulu bokumpatela nokumalusela umhlambi wake.

344. Po-ke, loku iBandhla "elikatolike" liy'ingcwele, l'ahlulwa y'ini ukucwebisa nokulungisa bonke abantu na?

Nakuba iBandhla "elikatolike" liy'ingcwele, liy'ahluleka ukucwebisa nokulungisa bonke abantu, njengoba noNkulunkulu 'ahluleka, ngoba engapoqi 'muntu.

Number 95.—IBandhla elifundisayo, el'amukelisayo, el'alusayo liy'ingcwele njalo, ngoba ling'umlomo *ka'Nkulunkulu,* liy'izandhla *zake,* nezindhlebe *zake,* namehlo *ake.*—Indaba yeBandhla elifundiswayo, el'amukeliswayo, el'aluswayo ainjalo: (1) ovuma ukufundiswa nokwenza akufundiswayo, (2) ovuma ukwamukeliswa amandhla okulungiswa nokulunga, aze aw'amukele ngokuyiko, (3) ovuma ukupatwa nokwaluswa, uyacwebiseka, uyalungiseka, aze asinde ngempela.—Ongavumi ufana nomuntu okonjiswa indhlela eyiyo, adhlule azidukise noko ngamabomu; konje kul'icala lalowo (iBandhla elifundisayo belu) yini omkombisa indhlela eyiyo na? Ufana nomuntu ofa indhlala, nakuba kukona omnika konke ukudhla akuswelayo; ufana nomuntu ongahlauli, nakuba eyipiwe imali yokuhlaula; ufana nemvu elahleka ehlane, nakuba umalusi efuna ukuyikalima. Njalo-ke, ukusinda, kungasinda nje *otandayo.*

Kepa noko, seloku uMoya ocw. watunyelwa eBandhleni lika'Jesu, uyiloku usebenza kulo, uyiloku ulicwebisa (*numbers* 238-240). Kwenziwa yiloku-ke ukuba eBandhleni elikatolike kungaze kwapela ubungcwele, ngitsho nobweBandhla elifundiswayo, el'amukeliswayo, el'aluswayo. Nakuba-ke amanye amakolwa engalungi, kukona njalo amaninginingi alungile.

Nank' amaProtestante eti: Abafundisi (abanjengoLuther noBanibani) abamisa amabandhla bawo, *kwakuswelekile* ukuba bawamise, "ngoba iBandhla »elikatolike«, elas'eRoma **lasel'onakele**".

1. *Uma eti, iBandhla elifundisayo, el'amukelisayo, el'alusayo, las'elonakele,* apambeke nokupambeka. Ngoba akaboni yini

ukuti, uma iBandhla elifundisayo, el'amukelisayo, el'alusayo l'onakele, uma nga kwonakele iTshe, uJesu ael'ake kulo iBandhla lake ukuba nga kwonakele isiSekelo esing'abApostole, nemfundiso yalo, nobupriste namasakramente alo, namandhla alo okupata nokwalusa, ngakwonakele uJesu, ngakwahluleke uNkulunkulu uqobo, ngaenamanga uNkulunkulu lowo ngokuti: «Amandhla esihogo kayikul'ahlula iBandhla», nangokuti: Umoya wesiminya uyakuhlala kulo' kuze kupele umhlaba. Ke uma nga iBandhla lika'NKULUNKULU, lona elikatolike pela l'onakele, umuntu konje *oumuntu nje*, enamandhla obuntu bwake bwodwa, engena'ma ndhla obu'NKULUNKULU (njengoLuther, noHenry VIII, no-Kalvin noBanibani), angaba namandhla kanjani okuvuselela 'butsha iBandhla lika' Nkulunkulu esel'onakele na?-- kambe, la uNkulunkulu uqobo es'ahlulekile umuntu angalungisa kanjani na? Njaloke kuyabonakala ukuti loko 'kukuluma kwawo akuso ukupambeka nje, kuy'nto epambene nengqondo, futi y'into emjivazayo uNkulunkulu.

2. *Uma eti, iBandhla elifundiswayo, el'amukeliswayo, el'aluswayo lasel'onakele*, apambekile, la eti, lona *lonke* lal'onakele: aqinisile la eti, ngaleyo 'nkati abaningi beBandhla bab'onakele—Ukuqonda le'ndaba, kuswelekile ukuba sitate pansi. E! Yibapi abeBandhla elifundiswayo, el'amukeliswayo, el'aluswayo na? Ng'amakolwa ang'amakolwa nje wona odwa na? Qabo inganti nabo bonke, abapete isikundhla sokufundisa nesobupriste nesabakulu, bang'abebandhla elifundiswayo nel'amukeliswayo nel'aluswayo futi NoPapa uqobo, uma eng'enzi akufundisayo uy'ona noI'papa uqobo, uma eng'amukeli amasakramente kumbe ew'amukela ngokungeyiko, engapati namanye amasu okulunga, uy'ona. Into nje ukukolwa kuka'Papa ngeke kwonakale, ngoba eng'uPetrus" (*number* 281, 4). E! nendaba yababishopu nabapriste injalo, inganti nokole lwombishopu eyedwa lung'onakala loku enge'Petrus. E! Kuyabonakala ukuti

isikundhla ngeke s'onakale

kanti abapete isikundhla bang'onakala.

3. Site uma amaProtestante eti, iBandhla elifundisayo, el'amukeliswayo, el'aluswayo lal'onakele lona *lonke*, anamanga. Kuy'aziwa, namal'protestante afundile Indaba yokw'enzeka eBandhleni (*Church History*) ay'azi ukuti, nangenkati ka'Luther babebaningi abeBandhla elikatolike ababesalungile, inganti nezi'wetshiswa uqobo (*number* 345) zaziningi ngayona leyo 'nkati. Nazi-ke ezinye kutatela ku-14[illegible] kuze kube 1600 uKristo azalwa uFranziska was'eRoma,

uFranz was'ePaula, uBartholomeus wakwa'Kolonna, uBernadin was'eSiena, uJohannes was'eKapistrano, uDidakus, uAmadeus, uVincent wakwa Ferer. uKonrad de Grossis, ul'aul wakwa'Justiniani, uJerome Valois, uJohannes otiwa oka'Nkulunkulu, uIgnaz wakwa'Loyola, uFranz was'eXavier, uFilipp wakwa'Neri, uKarl wakwa'Borromei, uPius V., uFranz was'eSales, ul'etrs wakwa-'Fourier, uVincent de Paul, uFranziska was'eChantal, uTheresia, uJohannes otiwa owonqamlezo.

345. Iyipi into efakazele kakulu ubungcwele bweBandhla «elikatolike» na?

Into efakazele kakulu ubungcwele bweBanhla «elikatolike» ng'ukuba kwakuyiloku kukona iziCwetshiswa.

1. IziCwetshiswa ng'abantu asebefa ab'aziwa ngokusho kweBandhla ukuti bas'ezulwini. Ba'nhlobo 'mbili:

a) abaFelukolo;[1]) yilabo belu abafel'ukolo, bebulawa ngenxa yalo;

(b) abaVezukolo;[2]) yilabo abaveza, ukolo lwaza lwaqama, lwaba s'obala ngokwenza nangokulunga kwabo.

Kuzo zombili izinhlobo kukona oPapa nababishopu nabapriste nabadiakone namakolwa ang'amakolwa nje; kulawa kukona amakosi, nezinduna zamakosi, nezinduna zamabuto, abanumzana nezigqila, abameli, izinyanga, izisebenzi, amadoda nezinsiwa nabafana, amakosikazi nabafelwakazi namavirigo[3]) namantombazana, abafuyileyo nabafokazana.

2. Kamuko okutiwa uyisiCwetshiswa, indaba yake inganqunywanga l'iBandhla. Ke, ukunqunywa kwayo, kuswelekile ukuba kuhlolisiswe zonke izenzo zalowo 'Bani, kubizwe ofakazi aba'ma kulukulu, kubekwe abanesikundhla sokuveza konke okungatshonisa indaba. Aike ngomteto weBandhla, uma indaba ihlolisisiwe sikati esideside, besokufunyaniswa kulungile impela, iBandhla seliyanquma-ke liti lowo 'Bani ng'. **Umuntu odumisekayo ka'Nkunkulu** = *(Venerable Servant of God)*. Uma pezu kwaloku, kufakazelwe ukuti lowo 'Bani w'enza izimangaliso eziyizo ezi3 esekona, kumbe engaseko ngokucelela uBanibani ukuti kuNkulunkulu, sokutiwa uy' **isiTuswa** *(Blessed)*. Uma kubuya kufaka-

---

[1]) Yiko okukade kutiwa ng' aomatire-. ElesiGreke leli lokuti *martir* liti ngesiNtu *ufakazi*. E! Abafel'ukolo babebizwa ngalo, ngoba balufakazela ngokuzidel'amtambo ngenxa yalo.—[2]) Yiko okukade kutiwa ng' aomakonfesore. ElesiLatini leli lokuti *confessor* liti ngesintu *umvumi*.—[3]) **amancasakazi** belu.

zelwa izimangaliso ezinjalo ezi2, kutiwa uy' isiCwetshiswa *(Saint)*.

3. Naz' izinto ezintatu ezifakazele ukuti kul'iBandhla elikatoliko *lona lodwa* eliy'ingewele nokuti yilo lodwa eliyilo:

(a) izimangaliso eziyizo (*number* 121,5) ezayiloku z'enziwa kulo, selo ladabuka, ezis'enzeka kulo namanje, noma z'enziwa ezindaweni ezitile (njengas'eLourdes), noma z'enziwa amakolwa asekona noma angaseko, uNkulunkulu efakazela ngazo ubungewele bwazo.

Aike, nans' into efakazele ukuti amabandhla ati aka'Jesu akasiwo: Seloku avela, akukabiko 'simangaliso nesisodwa nje es'enzeka kuwo. Akukabiko futi 'muntu noyedwa nje emakolweni onke awo ewake wapiwa ng'uNkulunkulu amandhla okwenza isimangaliso. Akuyikwenzeka nanini, loku uNkulunkulu wesiminya angefakazele amanga.—Aike, njengoba amabandhla lawo ezibonela nawo uqobo ukuti kunjalo, as'eti, into enjengesimangaliso y'into engeko emhlabeni, y'into eng'enzeki—pela, loku kul'ici nje lokupepela. Kanti akupepeki ngamanga, loku zikona izimangaliso eziyizo: ukuvusa umuntu ofileyo abuye abe ng'umuntu njengakuqala; ukupulukisa umuntu oy'impumpute imvelo yake, ngokutsho nje ukuti akabone; ukupulukisa umuntu ofunyaniswe izazi zaodokotela ukuti upansi kwokufa, ngokutsho ukuti akavuke, ab'es'epila; ukulanda amanzi ngesisevo, amanzi angapumi ngezimbobo; ukuba s'êndaweni ezimbili nga'sikati 'sinye, njengokuvumisa izono esontweni lokuti nokushumayela kwelinye nga'sikati sinye; ukukuluma ngokuyiko izilimi, umuntu angazange wazifunda; nokuti-ni nokuti-ni.—Kufakazela futi

(b) amandhla okuyala nokukipa amademone. Le'ndaba iyaukulunywa emtetweni woku1 ka'Nkulunkulu nas'esakramenteni lobupriste. Lapa siti nje: L'iBandhla elikatolike lona lodwa elisenawo. La ikolwa lebandhla elitize lingenwa ng'amademone, abafundisi bamaProtestante bay'ahluleka. Le'nto kaipikeki; pela, ikolwa elinjalo lingasizwa nje ng'abapriste beBandhla elikatolike bona bodwa, njengoba sekw'enzeka.—Kufakazela futi-ke

(c) amandhla okugoma nokuhlahlamelisa nokucwebisa abantu nezinto. Le'ndaba iyaukulunywa esahlukweni samasakramentale.

IBandhla «elikatolike» lona lodwa lisey'ingewele: ngoba yilo lodwa elika'Nkulunkulu. ngoba yilo lodwa elisapete onke amasu okucwebisa abantu njengas'emihleni ka'Jesu neyabApostole.

4.

IBandhla «elikatolike» linye nelamiswa ng'uJesu ngoba likatolike, ng'elakuwo wonke pela, elezikati zonke, elabantu bonke.

346. IBandhla «elikatolike» lisekatolike yini njengelika'Jesu nabApostole na?

Yebo, iBandhla «elikatolike» lisekatolike njengelika'Jesu nabApostole, ngoba lisel'isu lokusindisa abantu bonke, njengalo.

347. Kubonakala ngani ukuti iBandhla «elikatolike» lisel'isu lokusindisa abantu bonke na?

Ukuti iBandhla «elikatolike» lisel'isu lokusindisa abantu bonke, kuyabonakala ngokuba lisakwezela *bonke abantu* isiminya sika'Nkulunkulu, sona sodwa, sona sonke.

348. Kubonakala nangani na?

Kuyabonakala nangokuba lisakwezele *bonke abantu* ubupriste buka'Jesu, nawo onke amasu okulungiswa nokulunga owabazuzele wona.

349. Kubonakala nangani futi na?

Kubonakala nangoba kusekona kulo uPetrus, uPapa, ol'ikanda labeBandhla bonke bas'emhlabeni wonke.

350. IBandhla «elikatolike» yilo elezikati zonke ngempela na?

Yebo, iBandhla «elikatolike» yilo *elezikati zonke* ngempela, ngoba lil'isu lokusindisa abantu bonke, noma babes'emhlabeni lingakadabuki, noma bazalwa noma besaya'kuzalwa nga-'sip' isikati selidabukile.

Njengaloko ngesiVumelano esidala kwakulungiselwa iBandhla lika-'Kristo, eliy'isiVumelano esitsha (*numbers* 241—242), kuyabonakala ukuti iBandhla «elikatolike», indikimba yalo, linye nesiVumelano esidala

ngemfundiso: lisakweza sonke isiminya esas'ambulwe ng'u-Nkulunkulu esiVumelanweni esidala, es'enezelwa, sacazwa y'inDodana ka'Nkulunkulu, uJesu 'Kristo; kungako-ke inCwadi ey'ingew. (iBaibele) ipete nezincwadi zeTestamente elidala. — Linye naso

ngamandhla okulungiswa nokulunga: abantu bas'esiVumelanweni esidala basinda ngawona lawo 'mandhla okulungiswa nokulunga, uJesu 'Kristo owaewazuzela *isintu sonke,* okusinda

ngawo nabeBandhla lika'Jesu 'Kristo: into eyahlukene nje, y'indhlela yokuw'amukeliswa. Futi, abesidala basinda ngokukolwa nokutemba ku'Kristo *engakafiki;* abesitsha ngokukolwa nokutemba kuye *es'efikile.*— Linye naso *ngokupatwa:* abaprofete nabapriste bas'esiVumelanweni esidala babey'izinduna zika'Nkulunkulu, njengoba nabakulu besitsha beyizo.

Lobu 'bunye bweziVumelano ezibili bufanekisiwe emfanekisweni olandelana nepeji 144.

351. IBandhla «elikatolike» ling'elakuwo wonke ngempela na?

Yebo, iBandhla «elikatolike» ling'*elakuwo wonke* ngempela, ngoba limiselwe wonke umhlaba.

Selo uJesu wati ku'bApostole bake, abahambe baye emhlabeni wonke, bafundise izizwe zonke, iBandhla elikatolike laliyiloku l'enza njalo.

Njengaloku sekuzwakele ukuti iBandhla «elikatolike» linaso isiqamiso sobukatolike, ngoba yilo elimiselwe umhlaba wonke, izikati zonke, abantu bonke (*number* 255), kuyabonakala ukuti

elokuti "elikatolike" aku'gama njena,
l'igama eliqanjwe ngento ekona ngempela.

Ukwanda kweBandhla, nokuti **ama**bandhla atize angakanani kulo, kufanekisiwe emfanekisweni olandelana nepeji 176.

352. **Ema**bandhleni ati aka'Jesu kukona 'bandhla yini eli«katolike» na?

Qabo, **ema**bandhleni ati aka'Jesu akuko 'bandhla nelilodwa eli«katolike», loku lingeko elakuwo wonke, elezikati zonke, elabantu bonke.

1. Into es'ôbala—*kaliko elezikati zonke,* ngoba, ukuvela kwawo, kwasokudhlule amakulukulu eminyaka uKristo azalwa. Po-ke, uma eb'eng'amabandhla ayiwo, abantu ababekona, uJesu es'ezelwe, lawo 'mabandhla engakabiko, ngabasinda kanjani na?

2. Futi, ngemvelo yawo kuyabonakala ukuti aemiselwe amazwe atize nje, ai umhlaba wonke; aemiselwe izizwe ezitize nje, ai abantu bonke. Kus'ekupeleni kwekulu 18. leminyaka uKristo azalwa, lapo **ama**bandhla aqala ngempela ukuya'kufundisa abezizwe izimfundiso zakubo; selo kwaba ngas'ekupeleni kwekulu 19., kw'anda lo'msebenzi.

3. Kwabas'e "*High Church*" bakona abatiwa amaRitualiste. Wona-ke, ngokufundisisa izincwadi zaoYise nabaBali beBandhla elikatolike nezinye izincwadi zalo, as'eyavuma imvama yemfundiso ekatolike, nobupriste namasakramente, nemininingwane yenkonzo

yas'esontweni, nani nani. Kusekubili nje ikakulu akupikayo: ukungapambeki kuka'Papa, nokuti ng'uye opete *lonke* iBandhla lika'Jesu. Kanti nank' umhlola aw'enzayo: azibiza ngokuti ng'«amaKatolike». Pela, sesibonile ukuti *linye* iBandhla *elikatolike,* ngoba linye elati limiswa ng'uNkulunkulu lamiselwa *sonke* isintu sas'êndaweni zonke nesas'ezikatini zonke; ngako-ke y'into eng'enzeki, y'into epambene nengqondo ukuba kube kona ama-Bandhla amabili akatolike ka'Nkulunkulu, njengaloko kuy'into eng'enzeki, y'into epambene nengqondo ukuba kube kona abaNi-ni'mandhla onke ababili, oNkulunkulu abayibo ababili. Futi, *ukudabuka kwawo,* adabuka ebandhleni lamaNgisi; iBandhla elikatolike ladabuka ku'Jesu, ku'Nkulunkulu. *Ubupriste obuyibo* bungaseko kuwo (*number* 351 ekugcineni), uPetrus nabApostole abaseko kuwo; eBandhleni elikatolike bakona. *Amasakramente,* ewavuma nje kambe, kawenzeki wona; ng'ukupela kwamabili awenzekayo (*number* 339,1). Futi-ke, al'ibandhla *elisand' ukuvela nje,* ngako-ke kalisilo elezikati zonke. Pela, ukuba nga iTonga lilingisa iZulu, ukukuluma kwalo, ukubinca kwalo, ukwaka kwalo, imiteto yalo, beselizibiza ngokuti l'iZulu, kusiza-ni po? kusel'iTo-nga njalo.

IBandhla «elikatolike» lona lodwa lisekatolike. ng'elakuwo wonke, elezikati zonke, elabantu bonke njeng'asemihleni ka'Jesu neyabApostole.

VI.

IBandhla elikatolike yilo lodwa elil'isu lokusindisa abantu bonke.

353. Njengoba kul'iBandhla elikatolike lodwa elineziqamiso zozine zeBandhla lika'Jesu, liy'ini na?

Njengoba kul'iBandhla elikatolike lodwa elineziqamiso zozine zeBandhla lika'Jesu, liyilo.

354. Njengoba iBandhla elikatolike lil'iBandhla lika'Jesu, kuyilo lodwa elil'isu lani na?

Njengoba iBandhla elikatolike lil'iBandhla lika'Jesu, kuyilo lodwa elil'isu lokusindisa abantu bonke.

Number 277.—Nant' izwi lika'Augustin ocw. liti: «Ungaboti, uNkulunkulu ung'uyihlo, uma iBandhla linge unyoko.

Amabandhla ati, iBandhla elikatolike liyazikukumeza la liti, yilo lodwa elil'isu lokusindisa abantu bonke. Ke, uma uBanibani ey'inceku enkulu enkosini yakubo, kung'uye yedwa belu oyiyo,

besokuqamuka oBanibani aba'makulukulu, bati, nati siyizo, ab' es'eti lowo oyiyo: Qa, nina 'boBani, ninamanga, loku yimi ngedwa oy'inceku enkulu enkosini yakwiti, uyazikukumeza yini, inganti uyatsho into ekona nje bo? E! Yiyo indaba yeBandhla elikatolike.

Futi, amabandhla etukutelela izwi lokuti, iBandhla elikatolike ling'umArke wokusindisa abantu ku'zamcolo, njengoba uNkulunkulu wamyala uNoe yedwa, wati ak'ake umArke abe munye, engamyalanga ukuba 'ake abaningi, kusiza-ni ukuba umuntu asuke atukutelele uNkulunkulu munye lowo, uNoe munye lowo, nomArke munye lowo na? L'iqiniso noko ukuti, ukusinda ku'zamcolo, kwasinda labo bodwa ababes'emArkeni; owaengeko kuye, watshona.

Ukuti yibapi abeBandhla ngempela, nokuti iBandhla elikatolike kalilahli 'muntu, ukuti lilahla amabandhla nje, kuyaufumaniseka ku'*numbers* 360, 361.

355. Njengoba kul'iBandhla elikatolike lodwa elil'isu lokusindisa abantu bonke, bonke abantu banomteto wokuba ng'abalo na?

Yebo, njengoba kul'iBandhla elikatolike lodwa elil'isu lokusindisa abantu bonke, bonke abantu banomteto wokuba ng'abalo.

Ukumdala umuntu, uNkulunkulu umdalele ingqondo nokunxanela okungapezeki ukuba afune isiminya, aze asifumane, yikona inhliziyo yake izaukolwa, itule. «Inhliziyo yetu aina'kutula, ize ipumulele kuwe, 'Nkulunkulu», nant' iqiniso lika'Augustin ocw. Nembala ofunisisa uNkulunkulu, uyaufumana uNkulunkulu ong' uye neBandhla lake eliyilo, ngitsho neqaba lelo elikude nabafundisi (*number* 360). Ke, kubili okul'icala: ukungafunisisi isiminya, nokupikelela amanga, la isiminya sesiqamile. Kungako-ke, oti: «O! alungile onke nje amabandhla, kuy'efana konke nje ukukolwa», angatsho nje ngoba eng'azi luto, kumbe atsho ngoba epik' inkani ngamabomu.

«*Ngiyanincengisisa, mina engiy'isibotshwa ngenxa yenKosi, ukuba nihambe ngokufanele ukubizwa kwenu enabizwa ngako . . . ninakisise ukukweza ubunye bwomoya ngebande loxolo; nibe umzimba munye, nomoya munye, njengoba nibizelwe itemba linye lokutemba enikubizelweyo. Inye inKosi, lunye ukolo, munye umbapatizo. Munye uNkulunkulu, ong'uYise wabo bonke.*» *) «*UNkulunkulu . . . uyafuna ukuba bonke abantu baye'kusinda, baye'kwazi isiminya; ngobapela munye*

*) Ef. 4,1. 3-6.

*uNkulunkulu, munye futi umLungiseli os'emkatini wabantu noNkulunkulu, umuntu belu uJesu Kristo, owaz'etulela ukuba y'inhlaulo yabo bonke.»**)

UNkulunkulu munye.	...	**Isintu sinye.**
UmSindisi munye.	...	**Icala lesintu linye (isono sakuqala).**
InKosi inye.	...	**Umbuso wayo munye.**
UmAlusi munye.	...	**Umhlambi wake munye.**
Ikanda linye.	...	**Umzimba munye.**
Umnikazi'ndhlu munye.		**Indhlu inye.**
Ukolo lunye.	...	**Umbapatizo munye.**

IBandhla linye.
Izulu linye.
Isihogo sinye.

VII.

Ukuhlangana kwabacwebileyo.

Ukuti: **iBandhla eliy'ingcwele ling'umzimba ka'Jesu,**
nokuti: **uJesu ul'ikanda lalo'mzimba,**
nokuti: **abeBandhla lake bay'izito zomzimba wake.**
sokw'ezwakala ku'*number* 262.

356. Izito zomzimba ka'Jesu, abeBandhla lake pela bapi lapo bekona na?

Izito zomzimba ka'Jesu, abeBandhla lake pela, abanye bas'emhlabeni, abanye bas'ezulwini, abanye bas'esihlanzweni.

1.

Ukuhlangana "kwabacwebileyo abas'emhlabeni" bodwa, loku ng'ukuti:

Ukuhlangana kwabeBandhla lika'Jesu abas'emhlabeni.

357. Kwenziwa yini ukuba bonke abeBandhla lika'Jesu abas'emhlabeni, kutiwe, bang'«abacwebileyo» na?

Ukuba bonke abeBandhla lika'Jesu abas'emhlabeni, kutiwe, bang'«abacwebileyo» kwenziwa ngoba bay'izito zomzimba *oy'ingcwele* ngokolo *oluy'ingcwele* nangexotsho *elicwebisayo*, nangokuba babizelwe *ubungcwele*.

*) 1. Tim. 2,3-6.

Ng'abApostole uqobo abavam' ukubiza amakolwa ngokuti ng' abacwebileyo. *Ngoba akutandayo uNkulunkulu ng'ukucwetshiswa kwenu.*» [1])

Elinye igama lamakolwa as'emhlabeni, kutiwa l' iBandhla elisalwa, limelwe pela ukulwa nezita zonke ezimelene nokusinda kwomuntu, noma kung'ugovana, noma kung'usatana namademone ake, noma kung'abantu ababi. «*Ukuhlala kwomuntu lapa emhlabeni ng'umsebenzi webuto.*» [2])

Ukuhlonitshwa kwesidumbu sekolwa eselafa kuku'*number* 222.

358. AbeBandhla lika'Jesu abas'emhlabeni, bey'izito zomzimba wake, bayakwaz' ukusebenzisana na?

Yebo, abeBandhla lika'Jesu abas'emhlabeni, bey'izito zomzimba wake, bayakwaz' ukusebenzisana, loku bey'izito zomzimba opilayo.

Nang' uJesu ecaza le'ndaba ngesinye isilinganiso, eti: «*Mina ngil'ivina eliyilo . . . . , uBaba ng'umlimi walo . . . . Njengaloko ihlamvu levina lingezitelele izitelo ngokwalo, lingahlangene nevina, kanjalo nani ningetele izitelo, ningahlangene nami. Mina ngil'ivina, nina ning'amahlamvu evina; ohlangene nami, nami ngihlangene naye, uye oyakutela izitelo eziningi.*» [3])

UPaulus ocw., ekuluma ngomzimba ka'Jesu ol'iBandhla lake, uti: *UNkulunkulu ulinganisele kahle umzimba, 'enze ukuba . . . izito zinakekelane ngokulingeneyo. Kungako-ke, uma kuhlupeka isito esitile, zonke izito ziyahlupeka kanye naso; uma kuhlonitshwa isito esitile, zonke ziyajabulisana. Ke, nina ning'umzimba ka'Kristo, futi niy'izito zesito.* [4]) Uti futi: «*Asitike, s'enza (okutshiwo) isiminya s'enziswa l'utando kambe, sikule kuko konke sikuliswa ng'uye ol'ikanda, uKristo, njengaloko wonke umzimba, o'zito zawo zihlanganiswe, zijobelelaniswe ngawo onke amalungu namaqupu asebenzisana njengomsebenzi wayileso naleso 'sito, ukulisa wonke umzimba, uz'ake wona wakiswa l'utando.*» [5])

359. Ukusebenzisana kwabeBandhla lika'Jesu abas'emhlabeni, basebenzisana kanjani na?

Ukusebenzisana kwabeBandhla lika'Jesu abas'emhlabeni, bayasebenzisana ngako konke okuhle okwenziwa l'iBandhla lonke nokwenziwa yilowo nalowo oweBandhla.

1. Into enkulukazi, iBandhla elisiza ngayo onke amakolwa, ng'ukupindapinda ukubonga kwas'onqamlezweni ngemissa eliy'i-

[1]) 1. Thess. 4,3.—[2]) Job 7,1.—[3])Joh. 15,1. 4-5.—[4]) Kor. 12,24. 25-27. —[5]) Ef. 4, 15-16.

ngcwele, ilisu elikulu pela lokwabela yilowo nalowo 'muntu amandhla, uJesu owaebazuzele wona bonke abantu. Ezinye-ke: amasakramente, amasakramentale, iziyekelo.

2. Konke okuhle noma yikupi, okwenziwa l'ikolwa noma yilipi, kusiza onke amakolwa, loku liy'isito somzimba opilayo. Kuyabonakala ukuti kuy'enzeka loku, nakuba ikolwa elisuka l'enza okuhle ling'azi ukuti kunjalo, nakuba futi amakolwa asizwayo eng'azi ukuti kunjalo, eng'azi futi ukuti asizwa ubani. Nas'emzimbeni esinawo kunjalo: isito sisizana nesito, sing'azi, sing'aziwa futi.— Ukuti ikolwa likwaz' ukusiza elinye ngokulikulekela nangokulizamela ngeminye imisebenzi emihle, y'into eng'umdwamba. UNkulunkulu uqobo wake wati: «*Zitateleni înkunzi zênkomo ezi'sikombisa nezinqama ezi'sikombisa, beseniya ku'muntu wami uJob, nibonge ngemitshiselo nizibongele nina; kepa ukukuleka, akube uJob, umuntu wami, onikulekelayo; yena ngimbeke ngomusa, yikona ningayikwehlelwa obekunifanele njengobuula bwenu.*» [1]) Futi nang' uPaulus ocw. eti: «*Ngiyanincenga, 'bazalwane, ngenKosi yetu uJesu 'Kristo nangotando lwoMoya ocw., nisizane nami ngokungikulekela ku'Nkulunkulu, yikona ngiyakusinda kwabangakoliwe abas'eJudia. . . .*» [2]) «*Kulekani ngokukuleka nokuncenga konke nje zonke izikati, nikuleke kambe ngokwomoya, nibe yiló nipapamele kona, niqinise njalo, ukunxusa kwenu, ninxusela abaewebileyo bonke nami-ke ukuze ngipiwe . . .*» [3]) UJakob ocw. uti: . . . *nikulekelane, ukuze nisinde; loku ukukuleka kwolungileyo opikelele ekukulekeni kwake kunamandhla kakulu.*» [4])

3. Uma kung'umnumzana osebenzayo, imali ayiholayo ng'eyake, ng'eyomuzi wonke futi; uma kung'umuntu wake osebenzayo, imali ayiholayo, ng'eyake, ng'eyomuzi wonke futi. Kanjalo imali, inzuzo belu ezuzwa yilo'mzimba ol'iBandhla lika'Jesu, ng'eyawo. Nans' inzuzo enkulukazi engakauki 'ndawo, eyaizuzwa l'ikanda lalo'mzimba, uJesu 'Kristo, ngokusisindisa kwake, ng'eyomzimba wonke. Nans' inzuzo ezuzwa yizo zonke izito zawo, bonke abeBandhla lika'Jesu belu, ng'eyomzimba wonke pela. Siti «izito zawo»: uMaria, uNina ka'Jesu, iziCwetshiswa zonke nabanye bonke asebes'ezulwini, nabaewebileyo bas'emhlabeni. E! Yonke imali le, yonke inzuzo le ezuzwa l'iBandhla lonke, kutiwa, ng'«*umtapo oy'ingcwele weBandhla*».

4. Njengoba uJesu esindise *bonke* abantu, kanjalo iBandhla namakolwa alo ayabazamela *bonke, nabangesibo abeBandhla*, ngokubonga ngemissa eliy'ingcw. nangokukuleka nangayo yonke imisebenzi emihle.

[1]) Job. 42, 8.—[2]) Rom. 15, 30-31.—[3]) Ef. 6, 18-19.—[4]) Jak. 5, 16.

360. Y'ibapi abang'abeBandhla lika'Jesu na?

AbeBandhla lika'Jesu, yibo bonke abomzimba nompefumulo walo.

Kuyabonakala ukuti umzimba *opilayo* au'mzimba wodwa, unompefumulo futi, njengoba naku kutsho uPaulus ocw. eti: »... *sibe umuntu opeleleyo, sifinyelele emkaulweni wobudala obupeleleyo buka'Kristo.*«*)

1. Abomzimba weBandhla: Yibo bonke ababatshatiziwe ngokuyiko, noma b'esuka bebatshatizwa ubani, uma bengaz'ahlukanisanga neBandhla ngelabo icala, bengabandhlululiwe futi.

2. Abompefumulo weBandhla: Yibo bonke abanokolo oluyilo, benexotsho eliewebisayo futi.

Ol'ikolwa leBandhla elikatolike ung'owomzimba nompefumulo weBandhla, uma enexotsho eliewebisayo. Ati-ke elahlekelwe yilo (ngesono esibubisayo), useng'owomzimba, useng'owompefumulo futi nganxanye, ngokolo belu; nganxanye kasesiye owompefumulo walo, loku engena'xotsho eliewebisayo. Kodwa noko usasizakala, ngoba ezinye izito ezipilile zingamzamela ukuba abuyiselwe lelo 'xotsho.

Ol'ikolwa lamabandhla ati aka'Jesu ung'owomzimba weBandhla elikatolike, uma ebatshatiziwe ngokuyiko. Ung'owompefumulo futi, uma kungengecala lake ukuba el'ikolwa lelinye ibandhla, efuna kodwa isiminya njengamandhla anawo, futi 'enza konke akubonayo ukuti uNkulunkulu uyafuna ukuba akwenze. Ol'ikolwa elinjalo, uma engena'sono esibubisayo, ung'owompefumulo weBandhla elikatolike ngempela; ngako-ke nokusizwa, uyakwaz' ukusizwa ngako konke okuhle okwenziwa yilo.

Uma kuya ngelake icala ukuba el'ikolwa lelinye ibandhla, kasiye owompefumulo weBandhla.

Umuntu onge'kolwa la'bandhla, uma efuna uNkulunkulu nesiminya sake njengamandhla anawo, 'enza nakubonayo ukuti kufunwa ng'uNkulunkulu, ung'owompefumulo weBandhla elikatolike. Kus'obala ukuti iqaba esel'azi iBandhla lika'Nkulunkulu, lingafunisis' isiminya, lingakatali nga'luto, alisiye owompefumulo weBandhla; lis'engozini enkulu.

361. Yibapi abangesibo abeBandhla lika'Jesu na?

Abangesibo abeBandhla lika'Jesu, yilabo ababandhlululiwe nabalahle ukolo behlubukile futi, nabo bonke abang'amakolwa **ama**bandhla ngelabo icala.

(* Ef. 4, 13.

Ukuhlauliswa kwekolwa, akuko 'nhlaulo eyesabeka kunokubandhlululwa. Obandhlululiwe ufana nesito esinqunyiwe emzimbeni. Kubandhlululwa onjani na? Kubandhlululwa ongasalungiseki, njengokutsho kuka'Jesu uqobo, eti: « . . . *uma engalaleli neBandhla, akabe kuwe njengeqaba nomtelisi.*»[1]) Ukubandhlulula kwenzelwa-ni na? Kwenzelwa ukulungisa isipikeleli es'enqaba ukuba silungiswe ngamanye amasu, yikona siyakuqabuka mhlaumbe, sibuye silungise ekade sikupikelela. Yiko akutshoyo uPaulus ocw., eti: «*Mina . . . nginqume indaba, ngiti, ngitsho belu ngegamu lenKosi yetu uJesu 'Kristo . . . : Lowo owenze loko . . . ngiyamkapela ku'satana, kubube inyama, ukuze kusindiswe umoya ngosuku lwenKosi yetu uJesu 'Kristo.*»[2]) eti futi: « . . . *ukolo nenhliziyo enhle, abatile bekulahlile sebenjengab'apukelwe umkumbi ol'ukolo; pakati kwabo kukona uHimeneus noAleksander, engabakapela ku'satana ukuze bafunde ukungajivazi.*»[3]) Into eyesabekayo, umuntu, qed'ub' anqunywe emzimbeni weBandhla, kasatoli 'luto k'okuzuzwa l'iBandhla namakolwa alo (kodwa kufanele noko ukuba amakolwa amzamele ku'Nkulunkulu ukuba abuye apenduke). Futi amakolwa anqatshelwe nokukuluma nje naye kungaswelekile impela. Nokufa kwake, ulahlwa njengeqaba.—Kepa, uma obandhlululiwe es'elungisa indaba yake, angabuyiselwa eBandhleni, loku es'elungiseka pela.

2.

Ukuhlangana "kwabacwebileyo abas'emhlabeni" "nabacwebileyo abas'ezulwini", loku ng'ukuti: Ukuhlangana kwabeBandhla lika'Jesu abas'emhlabeni nabas'ezulwini.

362. S'azi ngani ukuti abeBandhla lika'Jesu abas'ezulwini bayakwaz' ukusebenzisana nabas'emhlabeni na?

Ukuti abeBandhla lika'Jesu abas'ezulwini bayakwaz' ukusebenzisana nabas'emhlabeni, siyakwazi ngokuba nabas'ezulwini nabas'emhlabeni bay'izito zomzimba munye ka'Jesu.

«Abacwebileyo» abas'ezulwini, akuso iziCwetshiswa lezo zodwa nje, indaba yazo eseyanqunywa iBandhla, kwatiwa ziyizo; yibo bonke abantu asebefikile ezulwini, njengoba noSuku lweziCwetshiswa zonke (1. November) lunge eleziCwetshiswa lezo nje zodwa, ng'olwabantu bonke asebes'ezulwini.

[1]) Matth. 18,17.—[2]) 1. Kor. 5,3-5.—[3]) 1. Tim. 1,19-20.

«Abacwebileyo abas'ezulwini» kutiwa l'«iBandhla eselinqobile», linqobile belu zonke izita ezimelene nokusinda kwomuntu.

363. AbeBandhla lika'Jesu asebes'ezulwini bangabasiza abas'emhlabeni ngokwenza-ni na?

AbeBandhla lika'Jesu asebes'ezulwini bangabasiza abases'emhlabeni ngokubakulekela ku'Nkulunkulu.

Njengaloko umuntu weBandhla oses'emhlabeni ekwaz' ukusiza abanye beBandhla, kus'obala ukuti os'efikile ezulwini, os'ake kwa'Nkulunkulu uqobo, uyakwaz' ukwenza njalo kakulu, loku eng'umntwana, ey'isenyulwa sake, esesibusa kanye noKristo. — Nembala esikubonayo ngengqondo nje, kufakazelwe ng'uNkulunkulu uqobo, 'enza izimangaliso ez'enzela umuntu was'emhlabeni, oncenge isiCwetshiswa ukuba simzamele ku'Nkulunkulu (*number* 345, 3), evam' ukwenza njalo ikakulu ezindaweni ezitize, lapo kudunyiswa kona iziCwetshiswa ezitile nemifanekiso kumbe izinsalelo zazo. Kufakazelwe futi ng'uMoya ocw. enCwadini ey'ingcwele. Naku kutiwa: «*Ng'uye otanda abazalwane nabakwa'Israel; ng'uye okulekela kakulu abantu nomuzi wonke oy'ingcwele* (iJerusalem), *uJeremias, umprofete ka'Nkulunkulu.*»[1]) Ngaleyo 'nkati uJeremias waes'ekade emuke emhlabeni. — Esambulweni sika'Johannes kutiwa: «*Kwat' uba incwadi ivulwe, izizwi ezine namalunga a'ma 24* (abantu abacwebileyo) *aziwisa ngobuso pambi kwemVana, yilowo opete umgangala, nezitsha zegolide ezazigcwele impepo, ke, (impepo) y'imikuleko yabacwebileyo.*»[2])

Kuloku izingelosi zindawonye nabacwebileyo, loku nazo zing'abombuso wezulu. Nakuba-ke zona zinge'luhlobo lunye nabantu, zipakeme pela pezu kwabo, noko ziyamzamela umuntu ku'Nkulunkulu. URafael, ingelos'enkulu, wati ku'Tobias: «*Wat'uma ukuleka ukal 'inyembezi, wembel' abafileyo, ushiya nokudhla kwako, utukusa izidumbu emmini endhlini yako waza waz'embela ebusuku, mina nganikela imikuleko yako enKosini.*»[3]) — Ukuti izingelosi zinakekela ezulwini abantu, kuy'ezwakala nangokutsho kuka'Jesu, eti: «*Ngiti-ke kinina, kanjalo kuyauba kona injabulo ezingelosini zika'Nkulunkulu ngesoni, noma sisinye nje, esipenduka silungisa.*»[4])

364. Njengoba kukona abeBandhla lika'Jesu abas'ezulwini, abases'emhlabeni bafanele ukwenza-ni na?

Njengoba kukona abeBandhla lika'Jesu abas'ezulwini, abases'emhlabeni bafanele ukubadumisa nokubatemba.

---

[1]) 2. Makk. 15, 14. — [2]) Amb. 5, 8. — [3]) Tob. 12, 12. — [4]) Luk. 15, 10.

1. Ukubadumisa: —

(a) Sibadumisele-ni na? Sibadumise, ngoba balunga bes'emhlabeni, nangoba sebekwa'Nkulunkulu, sebeyabusa kanye naye ezulwini.

(b) Sibadumise ngani na? Sibadumise (1) ngokubonga ku'Nkulunkulu *omangalisayo ngcziCwetshiswa zake,* [1]) njengoba kwatsho noNina ka'Nkulunkulu, eti: *Umpefumulo wami uyayitusisisa inKosi, umoya wami uy'esasa, ngoba Onamandhla wenze okukulu kimi.* [2]) Sibadumise (2) nangokujabulisana nabo ngobukosi nenhlanhla asebeyifumene, (3) ngokuzamela ukulunga njengabo, loku naku kuyiko ukubadumisa kwohlobo, (4) ngokugcina izinsuku zabo, (5) ngokubakumbula, la kubongwa ngemissa eliy'ingcwele, (6) nangokuhlonipa izitombe nemifanekiso yabo (ikakulu, uma kugonyiwe, kucwetshisiwe lezo 'zitombe nemifanekiso) nezinsalelo zabo, noma kuy'into yemizimba yabo (*number* 222), noma kuy'into ababenayo beselapa emhlabeni.

2. Ukubatemba: — Sibatembe ngoba banamandhla ku'Nkulunkulu. Pela, nalapa emhlabeni osuk' esaba inkosi, uyaya k'onamandhla enkosini, yikona ezokulunyelwa uye.

3. Ofanele ukudunyiswa nokutenjwa kakulu kunabo bonke abas'ezulwini ng'uMaria uNina ka'Nkulunkulu (*numbers* 138-146).

4. Esifanele ukubadumisa nokubatemba kakulu kunezinye iziCwetshiswa:

(a) *ng'aoBizo bas'ezulwini.* Umdala umkuba was'emakolweni wokuba umuntu os'ebatshatizwa aqanjwe igama lesiCwetshiswa esitile. Kusekona incwadi yas'endulo efakazela ukuti ngonyaka 311 kwasokwenzeka loku. Futi, bona abas'endulo, abanjengoTheódoret noJohannes uKrisóstomus, sebatsho ukuti kwenzelwa ukuba obatshatiziweyo azame ukulunga njengoBizo, nokuba abe nomMeli ezulwini.

(b) *ng'abaMeli* noma kung'abaMeli beBandhla: uJosef ocw., noMikael ocw.; noma kung'abaMeli bamasonto nezikolo; noma kung'abaMeli ab'aziwa ukuti banamandhla okumzamela kakulu umuntu, la kung'ukuti nokuti. Kanjalo uJosef ocw., ung'*umMeli wamancasa namancasakazi, nowabas'endhlini, nowabapansi kwokufa.* UJohannes ocw., umApostole, ung'*umMeli wamancasa namancasakazi.* Aike, ziningi nje nezinye iziCwetshiswa ezitenjwa kakulu la kung'ukuti nokuti. Sisakomba nje iziCwetshiswa lezo okutiwa ng'*abaMeli abal'i14 bokuputuma izixakeko;* nank'

[1]) Hlab. 67, 36. — [2]) Luk. 1, 46. 49.

amagama abo: uAkátsius, uEgídius, uBárbara, uBlásius, uKristóforus, uKiríakus, uDíonis, uErasmus, uEustak, uGeorg, uKatharina, uMargareta, uPantáleon, uVitus.

Abati: «Amakatolike, ukudumisa nokutemba kwawo iziCwetshiswa, azifanisa noNkulunkulu»,

abati: «Amakatolike, eguqa pansi lapo betandaza eziCwetshisweni, azifanisa noNkulunkulu»,

abati: «Amakatolike, ukuhlonipa kwawo izitombe nemifanekiso nezinsalelo zeziCwetshiswa, azifanisa noNkulunkulu»,

abati: Amakatolike ayamamuka uNkulunkulu udumo olumfanele yena yedwa, ngokuba edumisa iziCwetshiswa»,

abati: «Amakatolike ayamona uNkulunkulu ngokungatembi kuye yedwa, etemba neziCwetshiswa»,

abati: «Amakatolike, uMaria amenza uNkulunkulu wawo»,

bonke abatsho loku nokuti-ni nokuti-ni okunjé ba'nhlobo'mbili:—

Abanye b'enza ngobulima, beng'azi ukuti iBandhla elikatolike lifundis' ukuti-ni; ngako-ke abatule, baze bafunde.

Abanye bapik' inkani ngamabomu; pezu kwokwazi ukuti amakatolike ak'enzi 'luto olunjé, bayatsho noko ukuti ayakwenza. Po, singati-ni ngoti, uBanibani ul'isela, 'azi ukuti kasilo?

3.

Ukuhlangana "kwabacwebileyo abas'emhlabeni nas'ezulwini" "nabas'esihlanzweni",

loku ng'ukuti:

Ukuhlangana kwabeBandhla lika'Jesu abas'emhlabeni nas'ezulwini nabas'esihlanzweni.

Kungafundwa lapa okuku'*numbers* 201—206.

365. AbeBandhla lika'Jesu abas'esihlanzweni bang'abacwebileyo na?

Yebo, abeBandhla lika'Jesu abas'esihlanzweni bang'abacwebileyo, loku sebemelwe ukufika ezulwini, bengasena-'kutshona esihogweni.

Kwenziwa ngoba bonke abas'esihlanzweni banexotsho eliewebisayo, bengasena'kulahlekelwa yilo.

366. Ngemfundiso enikezelweyo s'azi-ni ngabas'esihlanzweni na?

Ngemfundiso enikezelweyo siy'azi ukuti, abApostole uqobo basebecelela abas'esihlanzweni ngokubonga kwas'elatini, nokuti, bafundisa ukuti bangasizwa nangemisebenzi emihle.

367. IBandhla elikatolike laliyiloku l'enza okwakwenziwa ng'abApostole na?

Yebo, iBandhla elikatolike laliyiloku l'enza okwakwenziwa ng'abApostole, lisiza abafileyo ngokubonga kwas'elatini nangeminye imisebenzi emihle.

Emazwini amaninginingi as'ênewadini zas'endulo afakazela loku, sikipa lawa nje:

UTertullian (owabala kusel'ikulu linye nje leminyaka, uKristo azalwa, kwaza kwaba amabili) uti:[1]) ng'umkuba *os'umdala* eBandhleni lika'Jesu ukuba abafileyo bacelelwe ngokubonga kwas'elatini iminyaka ngeminyaka, uma sekubuya kufika usuku abafa ngalo (kuyabonakala-ke ukuti njengoba amaqaba alapa eti, ayambuyisa ofileyo, engabuyiseki kodwa, kanjalo nas'eBandhleni elikatolike kukona okwenzelwa abafileyo, yikona beyakwaz' ukugoduka, baye ekaya kwa'Nkulunkulu—into engeko emaqabeni); uti futi:[2]) umfelwakazi aqabulise umpefumulo wendoda ngokuwukulekela, nangokubongisa abapriste, bawucelele.

UAugustin ocw. (wazalwa ngonyaka 354, wafa 430) uti:[3]) unina wacelelwa ngokubonga ngemissa eliy'ingew.; uti futi: abafunda inewadi yake leyo abamkulekele unina "elatini"; futi, kwenye inewadi[4]) uti: imfundiso ka'Aérius owati, abafileyo kabana'kusizwa amakolwa asekona, "ipambene nokolo oluyilo."

Izinewadi zenkonzo yas'esontweni,[5]) ez'aziwayo ukuti zitatele ku'bApostole, zona zonke zipete imikuleko yokukulekela abafileyo nokuba"kumbula" emisseni, njengoba kus'enziwa imihla¡, ngemihla nanamhla; imyama kuseyiwona lawo 'mazwi aepatwa endulo. Kanjalo enewadini etatela ku'Jakob ocw. kutiwa: Ukubonga (kwas'elatini) okwenzelwa abasekona kwenzelwa nasebafa, kuyawuhlanza umpefumulo ububi bwawo, baze bayekelwe ngako amacala abo.

Ngako-ke *umHlangano was'eTrento* watsho kahle, wati:

(1) isihlanzo siy'into ekona,

(2) amakolwa asekona angasiza as'esihlanzweni, ikakulu ngokubonga kwas'elatini.

368. Amakolwa angabasiza ngani abas'esihlanzweni na?

Amakolwa angabasiza abas'esihlanzweni ngokubonga kwas'elatini nangayo yonke imisebenzi emihle.

1. Ngokubonga kwas'elatini:

(a) ngokukipa umnikelo wemissa okuyakucelelwa ngalo uBanibani osafa, kumbe abafileyo bonke;

[1]) De corona militum cap. 3.—[2]) De monog. cap. 10.—[3]) Conf. l. 9. c. 12.—[4]) De haeret. c. 53.—[5]) ngesiNgisi: *Rituals.*

(b) ngokubazamela, la ebonga kanye nompriste es'ebonga elatini;

(c) ngokubazamela, la 'amukela ikomunione.

2. Ngemisebenzi emihle:

(a) ngokubakulekela,

(b) ngokusiza abampofu ngenxa yabafileyo,

(c) ngokuzila ukudhla,

(d) ngokubazuzela iziyekelo,

(e) ngokuzinqumela ukuti izinhlaulo, azisebenzayo ngemisebenzi yawo emihle, zibe ezokuhlaulela abafileyo. Uma ikolwa lizinqumela ukuti *zonke* izinhlaulo, elizisebenza ngayo yonke imisebenzi emihle, zibe ezokuhlaulela abafileyo, kutiwa, l'enze **"inqaba yotando"** *(Heroic act of charity).*

369. Abacwebileyo bas'ezulwini bangabasiza ngani abas'esihlanzweni na?

Abacwebileyo bas'ezulwini bangabasiza abas'esihlanzweni ngokubanxusela ku'Nkulunkulu.

Yiko *kodwa* abangasiza ngako abas'esihlanzweni, ngoba isikati sokuvivinywa kwabo nesokuzuza inzuzo sesipelile.

Njengaloku sesifunde yonke indaba yeBandhla lika'Jesu, sesingabuza ukuti: **IBandhla liy'ini na?**

IBandhla ling'umhlangano obonakalayo wamakolwa, owamiswa ng'uJesu uKristo eTsheni eling'uPetrus nas'esiSekelweni esing'abApostole nabaprofete; ng'umhlangano wamakolwa, at'ezelwe okwesibili embapatizweni, a'mzimba munye, o'kanda lawo ng'uJesu obanjelwe emhlabeni ng'uPetrus, avuma ukolo lunye, apata amasu awonawona okulunga, alonda imiteto eyonayona, yikona eyakwaz' ukufumana ukupila okungena'kupela kwas'ezulwini.

Izinkati zomnyaka njengoba zihleliwe l'iBandhla.

EBandhleni umnyaka uqala ekupeleni kuka'November kumbe ekuqaleni kuka'Dezember.

Inkati yokuqala yomnyaka y'*inkati yokuza kwenKosi,*[1]) ipete amasonto ama4.

Ilandelwa y'*inkati yokuzalwa kwenKosi* eqala ngolwokuzalwa kwayo,[2]) 25. Dezember.

Yona-ke ilandelwa y'*inkati yokuhlaluka kwenKosi kwabezizwe*

NgesiNgisi kutiwa: [1]) Advent—[2]) Christmas.

eqala ngosuku lwako,[1]) 6. January. Amasonto ayo anga isitupa.
Besokuba l'*isonto lamashumi a'si7* (Septuagésima),
nesonto lamashumi a'si6 (Seksagésima),
nesonto lamashumi a'ma5 (Kwinkwagésima).

Olwesitatu olulandelana naleli 'sonto ng'*olwesitatu lwomlota*, okuqala ngalo *inkati yokuzila ukudhla*[2]) kumbe *eyokuhlupeka kwenKosi*. Inamasonto a'si6; elesihlanu *l'isonto lokuhlupeka kwenKosi*, elesitupa ng'*elamasundu;* yilo eliqala izinsuku «zesonto eliy'ingcwele» *elinOlwesine olukulu,*[3]) uJesu owamisa ngalo iSakramente lokubonga, *nOlwesihlanu olumnyama,*[4]) uJesu owasifela ngalo onqamlezweni, *nomGqibelo omkulu,*[5]) uJesu owaes'elibeni ngawo.

Besokuba y'*inkati yokuvuka kwenKosi* kumbe *eyepasika* eqala ngesonto lokuvuka kwayo;[6]) inamasonto ama5, elokuqala l'*isonto elimhlope.*[7])

Olwesine olulandelana nesonto lesi5 ng'*Olwokwenyukela kwenKosi ezulwini;*[8]) le'nkati inesonto linye.

Besokuba l'*isonto lokwehla kwoMoya ocw.* kumbe *elepentekoste.*[9])

Lona-ke lilandelwa amasonto a'ma24, elokuqala ng'*elobuTatu obucw.*,[10]) olwesine olulandelana nalo ng'*Olwesakramente lokubonga.*[11])

Ekuqaleni *kwènkati ezine zomnyaka* kuyazilwa njalo ngolwesitatu, ngolwesihlanu nangomgqibelo.[12]) Zivela emva kwesonto lesi3 lokuza kwenKosi (ihlobo), emva kwesonto loku1 lokuzila (ukwindhla), emva kwelepentekoste (ubusika), nas'emva kwesonto lesi3 lika'September (isilimela).

Njengoba olwokuzalwa kwenKosi lungo25. Dezember, olwokumitwa kwake ngoMoya ocwebileyo kumbe *Olwokwaziswa kuka'Maria*[13]) lungo25. March. Futi njengoba *Olwokuzalwa kuka'Maria*[14]) lungo8. September, *Olwokumitwa kwake okunganindekile*[15]) lungo8. Dezember. Futi, njengoba ngomteto ka'Moses unina obelete umfana waeyohlanzwa emva kwènsuku ezi'ma40, *Olwokuhlanzwa kuka'Maria*[16]) lungo2. February.

NgesiNgisi kutiwa: [1]) Epiphany—[2]) Lent—[3]) Maunday Thursday [4]) Good Friday—[5]) Holy Saturday—[6]) Easter—[7]) Low Sunday—[8]) Ascension—[9]) Pentecost, Whitsuntide—[10]) Trinity—[11]) Corpus Christi—[12]) Ember days.—[13]) Annunciation B. V. M. (of the Blessed Virgin Mary) [14]) Nativity B. V. M.—[15]) Immaculate Conception B. V. M.—[16]) Purification B. V. M., Candlemas.

Isahlukwana se10 somvumokolo:

"(Ngiyakolwa ukuti kukona) ukutetelelwa izono."

370. Njengoba ng'uNkulunkulu esimona ngezono, ng'ubá ongasitetelela zona na?

Njengoba ng'uNkulunkulu esimona ngezono, ng'uye yedwa ongasitetelela zona.

Ng'ubá ongatetelela izono kunye uNkulunkulu yena yedwa na.»[1])—T. t. 21.

371. Ukuba tin' abantu siteteleleke izono, kuya ngani na?

Ukuba tin' abantu siteteleleke izono, kuya ngokuba umSindisi wetu wasisebenzela amandhla okutetelelwa zona nenhlaulo yazo futi.

Akadunyiswe uNkulunkulu ong'uYise wenKosi yetu uJesu 'Kristo . . . esifumene ngaye ukusindiseka ngegazi lake, ukutetelelela kwezono njengokugcwala kwexotsho lake.»[2])

Akufundwe lapa okutshiwo esahlukweni somSindisi womhlaba. Kukona emaProtestanteni abati, uNkulunkulu kateteleli izono, uyazifulela nje, azisibekele ngomusa wake, ab'es'eziziba. Kepa ng'umhlola nje bo, loku eBaibeleni abati bakolwa yilo kutiwa, izono ziya"suswa", ziya"yekelwa", ziya"tetelelwa"; kutiwa futi uNkulunkulu uyam"xolela" umuntu. Pela, uma abantu bebengateteleleki ngempela izono, umsebenzi wenDodana ka'Nkulunkulu wokuhlaulela abantu nokubabuyisela ixotsho eliewebisayo ub'uzakuba l'ize. Futi, uNkulunkulu, abati, uyaziziba izono, aze ati, umuntu ulungile, nakuba izono zisekona kuye, ub'ezakuba uNkulunkulu okohlisayo—into eng'enzeke.

372. Ukusitetelela izono, uNkulunkulu uyasitetelela ngokwake na?

Qa, ukusitetelela izono, uNkulunkulu akasiteteleli ngokwake, usitetelela ngezinduna zake, la zis'amukelisa isakramente lombapatizo nelempendukiso.

Ngesinye isikati nelomgcobo wokugcina lil'isu lokutetelelwa izono.—Indaba yokutetelelwa izono nokukokelwa nokukoka inhlaulo yazo iyakuzwakala esahlukweni sexotsho eliy'ingewele, kwesezono, kwesombapatizo, kwesempendukiso, kwesesiyekelo nakwesomgcobo wokugcina.

Elokuti "**Amen**", okufezwa ngalo umVumokolo nemitandazo, l'izwi lokuqinisa. Liti: **Kunjalo.** kumbe: **Akube njalo.**

[1]) Mark. 2,7.—[2]) Ef. 1,3. 7.

Isahluko sesibili

sipete

ukuLunga nokwOna.

I.

Izilungo ezidhlula ubuntu.

«Isilungo kuy'into-ni, kuy'into enjani na?—Pela, umuntu, ukuba ebuzwa namhla indaba etize ay'aziyo, ayitsho-ke njengokwazi kwake, kuyabonakala ukuti *wenze into enhle.* Ati-ke ebuya abuzwe izindaba az'aziyo, ezinye azitsho, ezinye azipike, ubuqoto bwake abusiso isilungo, loku naku ey'inguqunguqu nje. Kepa, ukuba omunye abe yiló etsho into ekona ay'aziyo, engafuni amanga namacebo namamenemene, abe yiloku elwela isiminya, noma kunjani, ubuqoto bwake lo'muntu y'isilungo.—Ngako-ke singati, *isilungo ng'ukulunga okutile umuntu ayiloku ebambelela kuko.* Osuk 'enza into enhle kanye, kabili, nakangaki, es'enza nento embi epambene nayona leyo'nto enhle, akana'silungo kuloku.

I.

Ukukolwa ku'Nkulunkulu.

373. Ukukolwa kuy'ini na?

Ukukolwa kuy'isilungo esidhlula ubuntu, esisixotshiswa ng'uNkulunkulu, yikona siyaukolwa impela okwambulwe ng'uye, sifundiswa kona l'iBandhla lake.

«Y'isilungo», ngoba ukukolwa aku'nto eyenziwa namhla, kusasa iyekwe; y'into umuntu aswel' ukubambelela kuyo njalo, aze afe. Y'isilungo «esidhlula ubuntu, esisixotshiswa uNkulunkulu», ngoba umuntu, esenamandhla obuntu bwake wona odwa nje, angeke abe naso; uswel' ukusixotshiswa ng'uNkulunkulu. Pela,

wonke umsebenzi wokusindisa umuntu y'into edhlula amandhla omuntu ewodwa nje, seloku uNkulunkulu wamnqumela umuntu ukuba abe umntwana wake, aze akwaz' ukuhlalisana naye kwake, ezulwini (*number* 80). Ke, isu lokusindisa umuntu, onke amanye atatela kulo, yilo ukolo, ngoba ngapandhle kwalo umuntu ak'azi 'luto lwomsebenzi wonke lowo wokuzisindisa.—Po-ke, njengoba umuntu exotshiswa ng'uNkulunkulu isilungo lesi, uyapoqwa, aze akoliswe ngenkani yini na? Qabo, enentando yake, umuntu ang'ala ukuba as'amukele. Futi, noma es'esixotshisiwe, angasiyeka pansi, angawasebenzisi amandhla awapiwe. Kepa noko, nakuba umuntu elahlile ukolo, isilungo leso owake wasixotshiswa ng'uNkulunkulu, kasisipuki.—Ukuxotshiswa isilungo sokukolwa kuyaufumaniseka esahlukweni sombapatizo.

374. Ukukolwa akupambene yini nengqondo na?

Qabo, ukukolwa akupambene nengqondo, loku sikolwa akutshoyo uNkulunkulu, ekutsho ngomlomo weBandhla lake.

Numbers 10-14; 278-305.

375. Ukukolwa kuy'into eswelekile na?

Yebo, ukukolwa kuy'into eswelekile impela, loku «ukumhlab' umxwele uNkulunkulu kung'enzeke ngapandhle kwokukolwa.»[1])

Owambule isiminya kung'uNkulunkulu, isiMinya uqobo lwaso pela, kung'umNini'muntu futi (*numbers* 69, 100). Kuyabonakala-ke ukuti umuntu ongakatali ngakutshoyo umNiniye oy'isiminya uqobo, uy'ona nokwona. Futi, engakatali ngakutshoyo Yena, kayikwenza aswel' ukukwenzela ukusinda kwake. UJesu uti: «*Ongakolwa uyakulahlwa.*»[2]) «*Ongakolwa, indaba yake is'inqunyiwe.*»[3]) UPaulus ocw. uti: «*UAbraham wakolwa (okwatshiwo) ng'uNkulunkulu, ngako-ke kwasekutiwa, us'eyalunga.*»[4]) «*Okolwa inDodana* (ka'Nkulunkulu) *ufumana ukupila kwapakade; kepa ongakolwa inDodana kayikubona ukupila, ulaka luka'Nkulunkulu luhlezi pezu kwake.*»[5])—«*Abantu kabapiwe elinye igama pansi kwelanga engasisindiswa ngalo*», ukupela kwelika'Jesu.[6])

376. Kuyafana yini noma umuntu enokolo luni na?

Qabo, akufani noma umuntu enokolo luni; kuswelekile ukuba abe noluyilo olufumaniseka eBandhleni elikatolike lona lodwa.

[1]) Heb. 11,6.—[2]) Mark. 16,16.—[3]) Joh. 3,18.—[4]) 1. Mos. 15,6. Rom. 4,3. Gal, 3,6.—[5]) Joh. 3,36.—[6]) Enz. 4,12.

Numbers 353-355; 360.

377. Kuswelekile yini ukuba umuntu akolwe *konke* okwambuliwe ng'uNkulunkulu na?

Yebo, kuswelekile ukuba umuntu akolwe *konke* okwambuliwe ng'uNkulunkulu, ngoba oketayo akakolwa okutshiwo uNkulunkulu, ukolwa okutshiwo ingqonjwana yake.

UJesu uti: *. . . nibafundise ukugcina konke enginitshele kona.* [1]) UJohannes ocw. utsho kona loku, eti: *Osuk' eecezuka, engabambelele emfundisweni ka'Kristo, kana'Nkulunkulu.* [2])

378. Ukukolwa kuyiko ngempela, uma umuntu 'enza njani na?

Ukukolwa kuyiko ngempela, uma umuntu engangabazi na'kungabaza.

Njengaloku sikolwa, ngoba esikolwa yiko kutshiwo ng'uNkulunkulu ngomlomo weBandhla lake elingepambeke ekufundiseni kwalo, singezingabazele; lapo singabaza, sifun' ukukolwa okutshiwo eyetu ingqonjwana. *UAbraham, ukutenjiswa kwake ng'uNkulunkulu, waengangabazi ngokungatembi; waqiniswa ekukolweni, emhlonipa uNkulunkulu; kungako-ke kwasekutiwa, us'eyalunga.*»[3])

379. Ukukolwa kukodwa nje kwanele yini na?

Qabo, ukukolwa kukodwa nje akwanele; kuswelekile nokwenza akutshoyo uNkulunkulu esikolwa kuye.

Uma isigijimi senkosi yomuntu sifika, siti ku'bantu: «Iti inkosi, ngolwesitatu nizauhlakula insimu yayo, abantu bakolwe-ke impela ukuti inkosi ikutshilo loku, noko bangayi, angiti bayakutola icala enkosini?—Nank' uMoya ocw. uyicaza l'endaba ngomlomo ka'Jakob ocw. eti: *Kusiza-ni, 'bazalwane, uma uBanibani eti, unokolo, izenzo kodwa* (ezifunwa l'ukolo) *engenazo, na? Konje ukolo ngahle lumsindise na? E! Uma umzalwane noma owesilisa noma owesifazana behamba-ze, bedinga ukudhla kwemihla ngemihla, kusuke-ke omunye kinina ati kubona: "Hambani kahle, zifudumaliseni, zisutiseni", ningabapanga kodwa loko abakuswele emzimbeni, po, kusiza-ni? Kanjalo nokolo, uma lungenazo izenzo, lona ngokwalo luy'into efileyo. Angati-ke omunye: "Kuwe kukona ukolo, kimi kukona izenzo: —ngitshengise-ke ukolo lwako olungena'zenzo, mina kodwa ngikubonise ukolo lwami ngezenzo. Wena ugakolwa ukuti kukona uNkulunkulu munye; wenza kahle; kepa namademone akoliwe, at'ekoliwe, atutumele." Kepa, wena 'muntu ol'ize, ugatanda*

[1]) Matth. 28,20.—[2]) 2. Joh. 1,9.—[3]) Rom. 4,20. 22.

konje ukwazi ukuti ukolo olungena'zenzo lufile, na? UAbraham, ukoko wetu, angiti y'izenzo okwakutiwa ulungile ngazo, 'etula uIsaak, indodana yake, elatini? Uyabona-ke ukuti ukolo lwasebenzisana nezenzo zake, nokuti kuy'izenzo, ukolo olwafeziselwa ngazo, na? Kwagcwaliseka-ke imiBalo eti: "UAbraham wakolwa (okwatshiwo) uNkulunkulu, ngako-ke kwasekutiwa, us'eyalunga, waza watiwa umngane ka'Nkulunkulu." Niyabona-ke ukuti kuy'izenzo, umuntu alungiswa ngazo, ai ukolo lodwa, na? Kanjalo noRahab (otiwa) unondindwa, angiti y'izenzo okwakutiwa ulungile ngazo, 'amukela izinhloli, ezinyenyisa ngenye indhlela, na? Ngobapela, njengaloko umzimba uy'into efileyo, la umpefumulo ungeko, kanjalo ukolo luy'into efileyo, la izenzo zingeko.» [1])

Nakuba le'ndaba ite mba, amaProtestante ayayipika (*number* 277). Ati, *l'ukolo lwodwa* olusindisa umuntu, imisebenzi emihle kaifuneki. ULuther wat'ub' abone ukuti uJakob ocw. uyibeke ngembaba encwadini yake, wayijivaza, wati "y'incwadi ey'inkunkuma", wayilahla (*number* 204). Njengaloko-ke ukusweleka kwemisebenzi emihle kupetwe kakulu nakweka'Sirak, amaProtestante ayilahla nayo. Ke, uma eb'efuna ukulahla zonke izincwadi zeBaibele ezikuluma ngokusweleka kwemisebenzi emihle, ngaelahlile namaVangeli uqobo, e! ngaelahle lonke iBaibele (*number* 403—isahluko sexotsho eliy'ingcwele).

380. Kuswelekile ukuba ukukolwa kube into engakanani ku'muntu na?

Kuswelekile ukuba ukukolwa kube into enkulu ku'muntu kunazo zonke izinto.

Ukukolwa ngakuba into enkulu kunalezo ezikolisa ugovana, kunezomhlaba zona zonke, kunokuhlekwa nokubinqwa nokuswabulelwa abanye; e! ukukolwa ngakuba into enkulu kunokupila nje uqobo, size sibe nenhliziyo yokuzidel' amatambo, sibulawe njengabaFelukolo kunokuba sipike, silahle ukolo. Yiko akukombayo uPaulus ocw., eti: «*Ake ninake, 'bazalwane, ukuba kinina kungabiko ku'muntu inhliziyo embi engena'kolo, etambekele ukuhlubuka ku'Nkulunkulu opilayo.*» [2]) UJesu uqobo uti: «*Ongivuma pambi kwabantu, ngiyakumvuma nami pambi kuka'Baba os'ezulwini. Kanti ongipika pambi kwabantu, ngiyakumpika nami pambi kuka'Baba os'ezulwini.*» [3]) UPaulus ocw. uti: «*Y'inhliziyo kambe umuntu akolwa ngayo ukuze alungiswe; kodwa ng'umlomo avuma ngawo ukukolwa ukuze asindiswe.*» [4])

[1]) Jak. 2, 14-26.—[2]) Heb. 3, 12.—[3]) Matth. 10, 32-33.—[4]) Rom. 10, 10.

381. Yizipi izono ezipambene nokukolwa na?

Izono ezipambene nokukolwa ng'ukungakolwa, nokukolwa ukolo olungeyilo, nokukolwa ize.

Numbers 360, 361. — Ukukolwa ize kuyaukulunywa emtetweni woku1 ka'Nkulunkulu.

382. Yizipi ezinye izono ezipambene nokukolwa na?

Ezinye izono ezipambene nokukolwa ng'ukungabaza ngamabomu ngokolo, nokukuluma okupambene nalo, nokulalela ukukuluma okunjalo, nokufunda nokufundisa abanye izincwadi ezipambene nokolo.

1. Ukungabaza: — Kuyabonakala ukuti ukungabaza ngokolo, umuntu afikelwa nje yiko, aku'sono, loku ng'ukulingwa nje. Okulungel' ukungabazisa ngamabomu ng'ukuzikukumeza nobuhlakani, njengoba naku kutsho uJesu, eti: «*Ngiyakubonga, 'Baba, 'nKosi yezulu nomhlaba, ngokuba amahlakani namagagu uwatukusele loku, abancane kodwa ub'ambulele kona.*»[1]) Kuy'inhliziyo yokwenyama neyokwomhlaba futi, njengakutshoyo uPaulus ocw., eti: «*Yiba nokolo nenhliziyo enhle, abati bekulahlile abanye, sebenjengab 'apukelwe umkumbi ol'ukolo.*»[2]) Isu elilungel' ukuqeda ukungabaza okunjalo kung'ukuhambisa okwekolwa eliyilo, njengoba nang' uJesu eti: «*Uma umuntu enentando yokwenza akutandayo* (uNkulunkulu), *uzauqonda noma imfundiso yami ivele ku'Nkulunkulu, noma ngizikulumela njena.*»[3]) Ukomba kona loku, eti: *Umbuso ka'Nkulunkulu, niyakwamukwa wona, upiwe esinye isizwe esona siveza izitelo zawo.*»[4])

2. Ukukuluma okupambene nokolo,
Ukulalela ukukuluma okunjalo,
Ukufunda izincwadi ezipete okupambene nokolo,
Ukufundisa abanye izincwadi ezinjalo,
} konke loku,

indikimba yako, kunye. — Umnini'nkomo kavumi ukuba izinkomo zake zidhle edhlelweni elinendhloloti nonkulukundhleni, loku engafuni ukuba zibe s'engozini. — Kunjalo nalapa: ukupata nokufunda incwadi yamaProtestante noma incwadi-ni ekuluma okupambene nokolo oluyilo, iBandhla kalivumi nako. Abakulu (ababishopu) bangamvumela nje umuntu ofundile kakulu, otembekile, uma kuswelekile kumbe kumfanele ngenxa yesikundhla asipeteyo; e! nabapriste baswele imvumelo. Nans' inKosi yetu uqobo iti: «*Xwayani abaprofete abangeyibo, abati, befika kinina, b'embete*

[1]) Matth. 11, 25. — [2]) 1. Tim. 1, 19. — [3]) Joh. 7, 17. — [4]) Matth. 21, 43.

isikumba sêmvu, kanti ngapakati bay'izimpisi ezipangayo.[1]) UPaulus oew. uti: »*Imvubelo encane iyabilisa yonke inhlama.*«[2])

Ikolwa ngal'enza njani, la abanye bekuluma okupambene nokolo na? Pela, nxa likwaz' ukubakuza, alibakuze. Nxa likwaz' ukubatulisa ngokupendula ngelifutshane, alibatulise. Inxa kung'enzeki, alisuke, libashiye. Uma kung'enzeki naloku, alibadedele, lizihlalele libabonisa ukuti alibavumeli.

383. Yizipi ezinye futi izono ezipambene nokukolwa na?

Ezinye izono ezipambene nokukolwa ng'ukuti, konke ukukolwa noma yikupi kulungile nje, nokupika ukolo, nokululahla, nokuhlubuka okus'obala.

1. *Ukuti konke ukukolwa kulungile nje: numbers* 353-355.

2. *Ukupika ukolo:* Luyapikeka ngamazwi nangezenzo. Nampa abaFelukolo, bati bebuzwa ukuti baamakristo yini, bavuma, abapikanga, nakuba bab'azi ukuti bazaubulawa ngaloku. Uma ikolwa, nakuba lingatshongo ngomlomo ukuti liyalupika ukolo, libongisa amaqaba amadhlozi, uma liya emngomeni, lituma abanye kona, livumela abanye ukuya kona, uma ikolwa lisonta esontweni lebandhla elingeyilo, uma l'amukela kona »isidhlo senKosi«, l'enza na'nto-ni enjé, lilupikile ukolo.

3. *Ukulahla ukolo, nokuhlubuka okus'obala: numbers* 360, 361.

II.

Ukutemba ku'Nkulunkulu.

384. Ukutemba ku'Nkulunkulu kuy'ini na?

Ukutemba ku'Nkulunkulu kuy'isilungo esidhlula ubuntu, esisixotshiswa ng'uNkulunkulu, yikona siyautemba ngempela ukuti uzakwenza konke uJesu asitembise kona.

385. Ukutemba kwalo, ikolwa litenjiswa y'ini na?

Ukutemba kwalo, ikolwa litenjiswa ng'ukukolwa kwalo ukuti uNkulunkulu ung'umNini'musa nomNini'mandhla onke nOtembekile, nokuti ung'Ovuza abahle, nOhlaulisa ababi, nokuti lizuzelwe ng'uJesu amandhla okulunga.

Numbers 14, 16, 19, 21, 165, 167, 168, 172, 177, 306-312.—»*Osuk'etanda ukufika ku'Nkulunkulu, kuswelekile ukuba akolwe ukuti* (uNkulunkulu) *ukona, nokuti abamfunayo uyaubaholela.*«[3])

386. Iyipi into enkulu, ikolwa eliswel' ukuyitemba na?

Into enkulu, ikolwa eliswel' ukuyitemba, ng'ukufika lapo kukona ukupila kwapakade, ezulwini pela.

[1]) Matth. 7, 15.—[2]) Gal. 5, 9.—[3]) Heb. 11,6.

387. Litembe kona kodwa na?

Qabo, litembe nokuti uNkulunkulu uyaulinika konke okuswelekile ukuba lifike kwake: ukutetelelwa izono, ukuxotshiswa ixotsho elicwebisayo namaxotsho asizayo.

388. Litembe nani futi na?

Litembe nokuti uNkulunkulu uyaulinika nako konke okwomzimba nokwomhlaba okulungele ukulisiza emsebenzini wokuzisindisa.

Okulungele ukulisiza emsebenzini wokuzisindisa:—Akuso izinto zompefumulo zodwa nje, nezinto zomhlaba nezomzimba ziswelekile: ukupila, ukudhla, izingubo, impahla nani nani. Kodwa into ekona—okwaz' ukunquma ukuti into etize yomhlaba kumbe eyomzimba ilungele ngempela yini ukumsiza umuntu emsebenzini wokuzisindisa, ng'uNkulunkulu, ng'Owazi konke, ng'Ohlakanipile, ai umuntu o'ngqondo yake y'ingqonjwana nje nakuba nga ey'isazi uqobo.

Ukuti yilo *itemba* lomuntu eliy'isiqamiso sokuti ul'ikolwa ngempela yini na, ukuti akase'qaba pela, kuyaukulunywa emtetweni woku1 ka'Nkulunkulu.

389. Ukutemba kwalo, ikolwa litemba kahle, uma l'enza njani na?

Ukutemba kwalo, ikolwa litemba kahle, uma liz'esaba.

Umsebenzi wokuzisindisa uy'enzeka ngokusebenzisana kwetu noNkulunkulu. Uye oveza amandhla anjengexotsho elicwebisayo namaxotsho asizayo; kanti kasipoqi. Kuswelekile-ke ukuba tina, ngamandhla etu okuz'enzela, siwasebenzise lawo 'mandhla avezwa ng'uNkulunkulu. Ke, siyaz'azela ukuti ngokwetu tin' abantu si'butakataka; ngako-ke singaz'esaba. Nank' amazwi ka'Paulus ocw. akomba loku. Uti: «*Oti us'emi akaxwaye, funa awe!*»[1]) Uti: «*Ukusebenzela kwenu ukusinda, sebenzani ngokwesaba nokututumela!*»[2]) Uti: *Akuko 'nto engiz'azela yona kambe, kepa akuyi ngaloku ukuba ngibe ngipepile; kodwa onquma indaba yami, yiyo inKosi.*»[3]) Uti: «*Ngiyawukuza umzimba wami, ngiyawufaka ebugqileni, funa nga ngiti ngishumayeza abanye, mina uqobo ngibe owokulahlwa.*»[4])

390. Izono ezipambene nokutemba yizipi na?

Izono ezipambene nokutemba ng'ukutemba okudhlulisayo, nokutemba okungalingene, nokupel' itemba.

[1]) 1. Kor. 10,12.—[2]) Fil. 2,12.—[3]) 1. Kor. 4,4.—[4]) 1. Kor. 9,27.

1. Ukutemba okudhlulisayo:—Oziponsa engozini yomzimba kumbe eyompefumulo, eti, uNkulunkulu uzomopula, onjalo utemba ukuti uNkulunkulu uzakwenza isimangaliso ngenxa yake. Usatana wat'uma elinga uJesu, wafuna ukuba Yena 'enze njalo. UPetrus w'enza njalo, eti, kayikukutshwa uJesu, waza wampika katatu. Wenza njalo nomuntu owona ngoba eti, uNkulunkulu unomusa, noti, woze ayeke ukwona alunge es'ezakufa.

2. Ukutemba okungalingene:—Wona umuntu oninga ekutembeni kwake uNkulunkulu, eninga ngokusinda kwake, ezikataza ngokuti, konje uNkulunkulu akangifuni mina 'Bani, konje uyaungipa njalo engikuswelayo na, engasamtembi uNkulunkulu la es'ehlupeka, exakeka, exobiseka. Nas' isaga sas'enCwadini ey'ingew. sokuti: *Ungapeli 'temba, la utshaywa iyo* (inKosi): *ngobapela emtandayo inKosi, uye emtshayayo.* [1])

3. Ukupel' itemba:—Ng'uKain noJudas ab'enza njalo.—Noma indaba yomuntu iti-ni, noma iyimbi kanjani, iyalungiseka yona, qed'uba atande impela ukuyeka ukwona nokulungisa owakwonayo. Nang' uNkulunkulu eti: »*Uma omubi ependuka ezonweni zake zonke alungise, alonde yonke imiteto yami, . . . uzopila, impela ngiti, uzopila, kayikufa.*« [2]) Bab'enza njalo abas'eNinive (T. d. 74.), noMaria uMagdalena, nesigebengu esinye esanganyulezwa kanye noJesu (T. t. 78.), nendodana eyailahlekile (T. t. 47).

391. Yizipi ezinye izono ezipambene nokutemba ku'Nkulunkulu na?

Ezinye izono ezipambene nokutemba ku'Nkulunkulu ng'ukutemba amandhla ka'satana namademone, nokutemba ilize.

Indaba yalezi 'zono iyaukulunywa emtetweni woku1 ka'Nkulunkulu.

III.

Ukutanda uNkulunkulu.
nokutanda umakelwane. nokuzitanda.

392. Ukutanda uNkulunkulu kuy'ini na?

Ukutanda uNkulunkulu kuy'isilungo esidhlula ubuntu, esisixotshiswa ng'uNkulunkulu, yikona sizaumtanda ngokuyiko, s'enze akutandayo, sitande ngenxa yake nomakelwane njengoba sizitanda.

Nang' uJohannes oew. ecasisa le'ndaba, eti: *Ukutanda uNkulunkulu naku: ng'ukulonda kwetu imiteto yake.* [3]) UJesu uti: »*Osuk' enayo imiteto yami, eyilonda futi, ng'uye ongitandayo.* [4])

[1]) Ag. 3, 11-12.—[2]) Ez. 18,21.—[3]) 1. Joh. 5,3.—[4]) Joh. 14,21.

393. Umteto omkulu ka'Nkulunkulu uti-ni na?

Umteto omkulu ka'Nkulunkulu uti: «Wotanda inKosi uNkulunkulu wako ngenhliziyo yako yonke nangompefumulo wako wonke nangengqondo yako yonke nangamandhla ako onke. Yiwo umteto wokuqala. Kepa owesibili uyafana nawo, ng'owokuti: Wotanda umakelwane wako njengoba uzitanda.» [1])

Kulo'mteto yonke eminye ipetwe. Owokutanda uNkulunkulu uyacazwa emtetweni woku1, nowesi2, nowesi3 ka'Nkulunkulu; kungako-ke iyo yodwa ebaliwe etsheni lokuqala, uMoses owalinikwa ng'uNkulunkulu. Owokutanda umakelwane ucazwa emtetweni wesi4, wesi5, wesi6, wesi7, wesi8, we9 nowe10 ka'Nkulunkulu; ibaliwe etsheni lesibili.

1.
Ukutanda uNkulunkulu.

394. Simtandele-ni uNkulunkulu na?

Simtande uNkulunkulu, ngoba esiyala eti, asimtande.

UNkulunkulu, ukuba eng'uNkulunkulu, unomteto wokufuna ukuba simtande,

1. ngoba ey'inKosi yako konke, eng'umNinikonke (*numbers* 26, 27, 69, 100). Nangu eti: «*Londani imiteto yami, n'enze engikutshoyo: mina ngiy'inKosi!* » [2])—Unomteto wokufuna ukuba simtande,

2. ngoba ey'isiCwebi ezicwebini (*number* 18). Nangu eti: «*Mina ngiy'inKosi uNkulunkulu wenu; yibani izicwebi, njengoba mina ngiy'isiCwebi!* » [3])—Unawo futi,

3. ngoba el'uqobo lwenzondo yokubi (*numbers* 17, 19). ImBongi yake iti: «*Uyakutanda ukulunga, uyakuzonda ukungalungi.*» [4])

395. Simtandele-ni futi na?

Simtande futi, ngoba yena, uqobo lwake, el'uqobo lwobuhle, el'uqobo lwokulunga, kungeko'nto enhle kunaye.

Numbers 24, 17, 18.—Ukuba kukona ubuhle ezintweni ezikona, lobu 'buhle buvele kuye, loku eng'uye obudalile.

396. Simtandele-ni futi na?

Simtande nangoba yena, uqobo lwake, el'uqobo lwomusa, esitanda ngotando olungakauki 'ndawo, esitande singakamtandi, esipa okuhle oku'nhlobonhlobo okwomzimba nokwompefumulo.

[1]) Mark. 12,30-31. (Matth. 22,27-39).—[2]) 3. Mos. 22,31.—[3]) 3. Mos. 11,44.—[4]) Hlab. 44 8.

Numbers 20, 21, 30.

397. Simtandele-ni futi uNkulunkulu na?

Simtande nangoba esitembise ukuti uyausivuza ngenhlanhla yapakade.

UJohannes ocw. uti: *Iyo into asitembise yona uqobo* (uJesu): *ukupila kwapakade.*» [1])

398. Kuswelekile yini ukuba sitande uNkulunkulu kunako konke okunye na?

Yebo, kuswelekile ukuba simtande uNkulunkulu kunako konke okunye, kuze kube ngcono kitina ukuhlutshwa nokwenziwa-ni kunokumala ngesono.

UPaulus ocw., eyicaza le'ndaba, uti: «*Ng'ubani-ke ozaus'ahlukanisa nokutanda uKristo na? ukuxobiseka na? uvalo na? ukulamba na? ukuswel' ingubo na? ingozi na? ukuzingelwa na? isinkemba na? (njengoba kubaliwe ukuti: "Ngenxa yako siyabulawa imini yonke; sesingatiti siy'izinvu ezimelwe ukuhlatshwa." [2]) Kanti konke loku siyakwahlula, s'ahluliswa ng'ositandile. Ngoba ngiy'azisisa ukuti, aku ng'ukufa, aku ng'ukupila, aku y'izingelosi, aku y'iziKulu, aku ng'amAndhla, aku ng'osokukona, aku ng'okus'eza, aku ng'ubuqwaga, aku ng'okupakeme, aku |ng'okujulile, akuso 'luto olunye oludaliweyo oluyakuba namandhla okus'ahlukanisa nokumtanda uNkulunkulu, sitandiswa ng'uKristo uJesu, inKosi yetu.*» [3])

1. Ukuba sitande uNkulunkulu kuze kube ngcono kitina ukuhlutshwa nokwenziwa-ni kunokumala *ngesono esibubisayo, lolu 'lutando luswelekile;* ngapandhle kwalo singeke sisinde.

2. Kepa kukona *utando olupakeme kulolu:* ng'ukuyeka nokuxwaya *nezono ezingcono.*

3. *Utando olupakeme impela:* ng'ukuketa okuhle k'okuhle nokwenza okuhle loko esikubonayo ukuti kungakolisa uNkulunkulu kunokunye.

399. Ukumtanda uNkulunkulu okudhlul' ubuntu ku'nhlobo 'ngaki na?

Ukumtanda uNkulunkulu okudhlul' ubuntu ku'nhlobo 'mbili: ukumtanda ngenxa yake yedwa, nokumtanda ngenxa yetu.

400. Siyamtanda uNkulunkulu *ngenxa yake yedwa,* uma sitandiswa y'ini na?

[1]) 1. Joh. 2,25.—[2]) Hlab. 43,22.—[3]) Rom. 8,35-39.

Siyamtanda uNkulunkulu *ngenxa yake yedwa,* uma sitandiswa ukwazi ukuti ul'uqobo lwobuhle obupeleleyo noqobo lwomusa futi.

Numbers 394-396. — El'uqobo lwomusa, ung'umDali, ung'uBaba (ngexotsho elicwebileyo), ung'umSindisi, ung'umCwebisi, ung'umKwezi, ung'uye esipiwa uye yonke into enhle esinayo.

401. Siyamtanda uNkulunkulu *ngenxa yetu,* uma sitandiswa y'ini na?

Siyamtanda uNkulunkulu *ngenxa yetu,* uma sitandiswa ukutemba okuhle kuye, nokwesaba ukuhlauliswa.

Ukutemba okuhle: ukuhlahlameliswa ng'uye lapa emhlabeni, nokupiwa inhlanhla yas'ezulwini (*numbers* 19, 94, 95; 54, 197-200).

Ukwesaba ukuhlauliswa: lapa emhlabeni (*numbers* 98, 100), nakwelipambili, ikakulu esihogweni (*numbers* 62, 206-211).

Kus'obala ukuti nalolu 'lutando lulungile, loku singazitandi tina sodwa nje, *sitanda noNkulunkulu;* futi lungasiza kakulu, yikona soyeka ukwona, s'enze okuhle. Noko ukumtanda uNkulunkulu ngenxa yake yedwa kul'utando olupakeme kulolu, l'utando olupelele impela.

Umuntu, uma, ukwesaba kwake uNkulunkulu ngenxa yesihogo, emsola ngoba edale isihogo, aze ati, uma isihogo besingeko, ub'ezauz'onela ngokutanda kwake, umuntu onjalo *kasamtandi* uNkulunkulu, uy'ona pela. — Kepa obona ukuti, konje uNkulunkulu, el'uqobo lwenzondo yokubi, unomteto ngempela wokuhlaulisa ababi, aze ayeke okubi, 'enze okuhle ngenxa yaloku, *uyamtanda* uNkulunkulu ngenxa yokuzitanda.

402. Izono ezipambene nokumtanda uNkulunkulu yizipi na?

Izono ezipambene nokumtanda uNkulunkulu yizo zonke ez'enzekayo noma yizipi, ikakulu kodwa esokumzonda uNkulunkulu.

403. Ngoba isono, uqobo lwaso, siy'ini na?

Isono, uqobo lwaso, ng'ukupenduka ku'Nkulunkulu kupendukelwe kwenye into; umuntu amshiye uNkulunkulu, akete enye into; amale uNkulunkulu, atande enye into.

Njengoba sesatsho ku'*number* 379, amaProtestante ati, «imisebenzi emihle aifuneki», adhlule ati noko, ayamtanda uNkulunkulu. Ke, osuk' emtanda uNkulunkulu uyakwenza okutandwa uye. Kepa okutandwa uNkulunkulu kung'okuhle, njengoba kufunwa y'imiteto yake. Ngako-ke oti, uyamtanda uNkulunkulu, kuswelekile

ukuba *'enze okuhle*, loku ng'ukuti, *'enze imisebenzi emihle*. Kuyabonakala-ke ukuti amaProtestante, uma ey'ala imisebenzi emihle, ayazitsholo nje, la eti, ayamtanda uNkulunkulu. Naku kutsho uJesu uqobo, eti: «*Uma ningitanda, londani imiteto yami! Onayo imiteto yami, ayilonde, ng'uye ongitandayo.*[1]» UPaulus ocw. uti: — «*Uma ngikuluma ngezilimi zabantu nezezingelosi, ngingena'lutando kodwa, nginjengensimbi ekalayo kumbe njengensinjana enecncezayo. Noma nginobuprofete, ng'azi imfihlo zonke nako konke ukwazi, noma nginokolo lwonke ngize ngidedise izintaba, kepa utando ngingenalo, angi'luto. Noma ngicitela ukwondhla abampofu konke enginako, kumbe ngidela umzimba wami ngitshiswe, kepa utando ngingenalo, akungisizi 'luto.*»[2]) Ab'es'elanda imisebenzi emininingi yotando lolu, aze agcine ngokuti: «*Okwamanje kambe kumi ukolo, itemba, notando, okutatu loku; kodwa okukulu kuloku l'utando.*»[3]) —(*Numbers* 277, ikakulu ngas'ekugcineni, & 379). — Pela, le'mfundiso yamaProtestante ipambene nengqondo. Nembala amaProtestante alungile kunokolo lwawo, loku nawo 'enza okuhle okuningi, 'enza pela imisebenzi emihle emininingi.

2.

Ukutanda umakelwane.

404. Simtandele-ni umakelwane wetu na?

Simtande umakelwane wetu, ngoba kutsho uNkulunkulu.

Into ekona, seloku uNkulunkulu ete, umteto wokutanda umakelwane njengoba sizitanda ufana nowokumtanda uNkulunkulu uqobo, singemtande uma singatandi nomakelwane. UJesu wati: «*Ngiyanitshayela umteto omutsha, ng'owokuti, anitandane njengoba mina ngitandile nina, ukuze nani nitandane kanjalo. Ukuqonda ukuti ning'abami abafundi, bonke bayaukuqonda ngokuba nitandana.*»[4]) UJohannes ocw. uti: «*Inxa umuntu eti, ngiyamtanda uNkulunkulu, ezonda umfo wabo, unamanga.*»[5]) Umprofete uMalakias uti: «*Konje uBaba wetu sonke akamunye yini? Konje uNkulunkulu osidalile akamunye yini? Po-ke, kuya ngani ukuba yilowo nalowo kitina adelele omunye na?*»[6])

405. Simtandele-ni futi umakelwane na?

Simtande futi, ngoba umSindisi wetu waeyiloku 'enza njalo.

W'enza njalo, seló waba umuntu, waza wafa onqamlezweni. Nant' izwi lake lokuti: *Ukuba umuntu ezidel' amatambo*

[1]) Joh. 14, 15. 21.—[2]) 1. Kor. 13, 1-3.—[3]) 1. Kor. 13, 13.—[4]) Joh. 13, 34-35.—[5]) Joh. 4, 20.—[6]) Mal. 2, 10.

ngenxa yabangane bake, kamuko onotando olukulu kunalolu.»[1]) Nanti elika'Paulus ocw. lokuti: «*Zifuziseni uNkulunkulu, njengoba ning'abantwana abatandekayo kakulu, nihambisane ngokutandana, njengaloko noKristo wasitanda, wati ngenxa yetu waz'etula, ez'etulela ukubonga ngokudhla nangokuhlaba, kwangati l'usi olute tanqa.*»[2])

406. Simtandele-ni futi umakelwane na?

Simtande nangoba yilowo nalowo 'muntu ey'inswebu ka'Nkulunkulu, futi esindiswe ngegazi lika'Jesu, ebizelwe ukuba umntwana ka'Nkulunkulu nokudhla ifa las'ezulwini.

«*Inye inKosi, . . . munye uNkulunkulu ong'uYise wabo bonke.*»[3])—Ukuba umuntu omnyama 'ona omunye umuntu omnyama, beselitetwa icala y'inkosi yakubo, inhlaulo idhliwa yiyo inkosi, loku kwoniwe "umuntu wenkosi". Pela, kunjalo ngomteto wabantu. Kunjalo-ke nangomteto ka'Nkulunkulu: yilowo nalowo 'muntu ung'"umuntu wenKosi" eng'uNkulunkulu.

407. «Umakelwane» wetu kung'ubani na?

«Umakelwane» wetu kuyilowo nalowo 'muntu, noma ey'ini, noma enjani.

T. t. 43.—Po-ke, kuswelekile yini ukutanda bonke ngotando olwonalwona na? Qa, akusweleki ukutanda bonke ngotando olwonalwona. Abafanele ukutandwa kakulu yilabo, uNkulunkulu asihlanganise nabo: abakwiti, abapetwe yiti, abasipeteyo, ab'akelene nabahlalisene nati, abangane abayibo, abasisizayo noma umzimba noma umpefumulo wetu.

Abafanele ukusizwa kakulu, yilabo abadingayo noma okwomzimba noma okwompefumulo. Singabasiza

1. ngemisebenzi yokusiza umuntu ngokwomzimba okutiwa eyomhau (iyafumaniseka esahlukweni, okutiwa «Izinhlobo zezono nezilungo»).

T. t. 64.—EnCwadini ey'ingcw. kutiwa: «'*Mntanami ungamncitshi umfokazana, ungamzibi odingayo.*»[4]) «*Opa abampofu kayikudinga; odelela ocelayo uyakudinga.*»[5]) *Kuhle ukutandaza nokuzil' ukudhla nokupa abampofu, kunokubuta izinqwaba zegolide, kungoba ukupa abampofu kuvimbela ukufa, yiko okuhlanza izono, kwenza nokuba sifumane umhau nokupila kwapakade.*»[6])—Singabasiza

2. ngemisebenzi yokusiza umuntu ngokwompefumulo okutiwa eyomhau (ifumaniseka konalapo).

[1]) 1. Joh. 15,13.—[2]) Ef. 5, 1-2.—[3]) Ef. 4, 5-6.—[4]) Sir. 4,1.—[5]) Ag. 28, 27.—[6]) Tob. 12, 8-9.

Ukululekisa okwomzalwane.

UJesu wati: *Uma umfo wenu ekwonile, hamb' uyomsola ninodwa naye; kwol' inxa ekulalela, ube umzuzile umfo wenu. Kepa uma engakulaleli, tata omunye kumbe ababili, yikona yonk' indaba izakuma ngezwi laofakazi ababili abatatu. Kepa uma engalaleli bona, tshela iBandhla; kanti uma engalaleli neBandhla, akabe kuwe njengeqaba nomtelisi.*»[1] UJakob ocw. uti: *'Bazalwane, uma kukona kinina owacezuka esiminyeni, kodwa wapendukiswa ng'omunye, akaqonde ukuti, opendukise isoni lapo sasidukele kona uyakwopula umpefumulo waso ekufeni, nokuti, uyakusibekela izono eziningi.*»[2])

Kepa «ukululekisa okwomzalwane» kung'umteto ngempela nje, (1) uma kuswelekile ngenxa yokuvimbela umuntu ukwona kumbe ngenxa yokumpendukisa ekwoneni, noma ngenxa yokuvimbela umuzi kumbe isikolo ukwonakala, noma ngenxa yokupezisa ukwonakala okunjalo; (2) uma kukona itemba lokuti lowo 'Bani angalungiseka; (3) uma kwenzeka ngapandhle kwokuvelelwa ingozi. Po-ke, ikolwa al'enze njani, uma nganxanye libona ukuti liy'ahluleka ukulungisa indaba yokuti ngokululekisa okwomzalwane, nganxanye kodwa libona ukuti bekuswelekile ukuba ilungiswe, na? Aliy'etule kwabakulu.

Akuso ukululekisa okwomzalwane», uma sing'enziswa l'utando oluyilo, s'enziswa mhlaumbe inzondo noma amagqubu noma enye into enjé. Naku kutsho kahle uPaulus ocw., eti: *'Bazalwane! Noma nga omunye ezunywe isono, nina ening'abantu bokwomoya, fundisani onjalo ngomoya wobunene, uzibeka wena* ('Bani), *'funa ulingwe nawe.*»[3])

408. Ukutanda kwetu umakelwane ngakuba njani na?

Ukutanda kwetu umakelwane ngakuba qoto, simtande pela «njengoba sizitanda».

UJesu uti: «*Konke enitanda ukuba abantu ban'enzele kona nina, nani b'enzeleni kona!*»[4]) UJohannes ocw. uti: *'Bantwanyana, ukutanda kwetu, masingatandi ngamazwi nangolimi, asitande ngokwenza nangobuqoto!*»[5])

409. Ukutanda kwetu umakelwane, ngasimtanda ngenxa yani na?

Ukutanda kwetu umakelwane, ngasimtanda ngenxa ka-'Nkulunkulu, ai ngenxa yokubatshazwa ng'abantu kumbe ngenxa yokuvuzwa yibo.

[1] Matth. 18, 15-17.—[2]) Jak. 5, 19-20.—[3]) Gal. 6,1.—[4]) Matth. 7,12.—[5]) 1. Joh. 3,18.

Nanti elika'Jesu liti: «*Uma wenza umudhlo, mema abampofu nezingini nezinyonga nezimpumpute, yikona uyakuba nenhlanhla ngoba kabana'nto yokukukokela, uyaukokelwa belu, mhla kuvuka abalungileyo ekufeni.*» [1])

410. Ukutanda kwetu abakelwane kulungile yini, uma abatize singabatandi na?

Qa, ukutanda kwetu abakelwane akulungile, uma abatize singabatandi, ngoba sinomteto wokutanda wonk' umuntu, noma eng'umngane noma ey'isita.

Nang' uJesu eti: «*Inxa nitanda abanitandayo bodwa, notola 'mvuzo muni na? Angiti nabatelisi b'enza loku na? Nalapo nibingelela abafo wenu bodwa, n'enza 'nto-ni enkulu lapa na? Angiti namaqaba 'enza loku na?*» [2])

411. Ukutanda izita kuswelekile ngani na?

Ukutanda izita kuswelekile ngoba kwatsho uJesu.

Emtetweni omdala, njengoba waungapelele, kwakutiwa: «*Olimaze omunye onjengaye, njengaloko emenze kanjé, naye ak'enziwe kanjalo; uzauhlaula ingozi ngengozi, iso ngeso, izinyo ngezinyo; noma emlimaze kanjani, akalinyazwe naye kanjalo.*» [3]) Emtetweni omutsha, njengoba upelele, uJesu uti: «*Tandani izita zenu; nib'enzele okuhle abanizondayo; kulekelani abanihlupayo nabaniqambelayo, yikona niyakuba abantwana baka-'Yihlo os'ezulwini, opumisa ilanga lipumele abahle nababi, onisa izulu linele abahle nababi.*» [4])

412. Ukutanda kwetu izita, s'enze njani na?

Ukutanda kwetu izita, sizihlonipe njengabanye abantu, futi sibe nenhliziyo yokuba zihlale kahle neyokuzisiza uma kuswelekile.

1. Into eswelekile: sizibingelele njengabantu abange'zita; siputume, la zixakekile, njengoba siputuma nabange'zita bexakekile, ikakulu uma kungeko abanye abakwaz' ukuputuma; sizikulekele, njengoba sikulekela abange'zita.

2. Into engaswelekile, enhle kodwa kakulu: ukuzitanda nokuzisiza njengabakwiti nabangane. W'enza njalo uJesu; wati ku-'Judas: «*'Mngane, uzel' ukwenzani na?*», [5]) wakulekela abamnqamuleza, wati: «*'Baba, batetelele, ngoba abay'azi into abay'enzayo.*» [6]) W'enza njalo uStefan ocw. T. t. 92.—UMoya ocw. uti ngomlomo ka'Paulus ocw.: «*Ningazipindiseli, 'bangane, dedelani ulaka* (luka'Nkulunkulu)*; ngoba kubaliwe ukuti:*

[1]) Luk. 14, 13-14.—[2]) Matth. 5, 46-47.—[3]) 3. Mos. 24, 19-20.—[4]) Matth. 5, 44-45.—[5]) Matth. 26, 50.—[6]) Luk, 23, 34.

"Ng'okwami ukupind'inya; yimina ozaupindisela, itsho njalo inKosi." Ngitsho noma silambile isita sako, sinike ukudhla, noma s'omile, sipuzise; woti-ke uma wenza njalo, ubutele inkihlika yamalahle ekanda laso.» [1])

413. Kuswelekile ukuba sixolelane nezita zetu na?

Yebo, kuswelekile ukuba sixolelane nezita zetu, loku sinomteto wokuzitanda.

Ongena'nhliziyo yokuxolelana nesita sake akatandazi, la eti imihla ngemihla: «*Usitetelele izono zetu, njengoba nati sitetelel' abas'onayo* , ngoba eziqalekisa uma etsho njalo, engafuni ukuxolela isita sake. Uti uJesu: *Uma ningateteleli, no Yihlo was'ezulwini kayikunitetelela izono.* [2]) Uti futi: «*Uma wetula okwokubonga elatini, ut'ulapo ukumbule ukuti kukona okuxabanise umfo wenu nawe, shiya into yako yokubonga lapo pambi kwelati, uhambe uyoxolelana nomfo wenu kuqala, and'uba uze uy'etule into yako.* [3]) UJakob ocw. uti: *Icala longena'mhau ekwenzeni kwake lotetwa ngapandhle kwomhau.* [4])

1. Uma kung'uwe, 'Bani, owone umuntu, ngauqala wena uyoxolisa.

2. Uma kung'uwe owoniwe, ngauvuma ukuxolela okwonile es'etanda ukuxolisa.

3. Uma n'onene, akube ng'owaqala indaba oqala nokuyilungisa, kumbe akube yilowo omone kakulu omunye oqala ukulungisa.

4. Uma wena utand' ukuxolelana nomonile nokulungisa indaba yako, yena-ke 'ale, ausena'cala wena.—Uti uMoya ocw. ngomlomo ka'Paulus ocw.: *Akungatshoni ilanga nisatukutele.* [5])

Izono ezipambene nomteto wesi4, wesi5, wesi6, wesi7, wesi8. we9 nowe10 ka'Nkulunkulu, imvama yazo, zipambene nomteto wokutanda umakelwane.

3.

Ukuzitanda.

414. Singazitanda yini na?

Yebo, sinomteto wokuzitanda, loku uJesu ete: «Wotanda umakelwane wako *njengoba uzitanda.*»

Kubili ukuzitanda: okulingene nje nobuntu, nokudhlula ubuntu.

415. Ukuzitanda okulingene nje nobuntu kungaki na?

Ukuzitanda okulingene nje nobuntu kubili: okuyiko okuvumelene nonembeza, nokungeyiko okuvumelene nogovana.

---

[1]) Rom. 12,19-20.—[2]) Mark. 11,26.—[3]) Matth. 5,23-24.—[4]) Jak. 2,13. —[5]) Ef. 4,26.

1. Okuvumelene nonembeza: ng'umteto wokuzitanda, njengoba sidalelwe wona ng'uNkulunkulu.

2. Okuvumelene nogovana: kuvele ngesono sakuqala (*number* 95, lapo kutiwa «Amuko kambe kwabay'azi . . . »).—UJesu uti: «*Osuk' etanda umpefumulo wake* (ugovana) *uyakulahlekelwa yiwo; nosuk' ezonda umpefumulo wake* (ugovana) *lapa emhlabeni uyakuwukwezela ukupila kwapakade.*» [1]) Encwadini ka-'Tobias kutiwa: «*Ab'onayo nabaxwalile bay'izita zompefumulo wabo.*» [2]) Njengokutsho kuka'Paulus ocw., abazitanda ngokungeyiko «*bazitanda bona bodwa, bahahela impahla, bayazitsho, bayazikukumeza, bajivaza* (uNkulunkulu), *kabalaleli abazali, kabana'kubonga* (besiziwe, bepiwe), *baxwalile, kabana'tando, kabana'xolo, baqambela abanye, kabazikuzi, bayadhlovadhlova, kabana'sihe, bayakapela, batwal' ilunda, baqolotsha, batand' ukukolisa ugovana kunoNkulunkulu.*» [3]) Uti futi: *Ngibona omunye umteto ezitweni zami, omelene nomteto womoya wami, ong'enza isitunjwa somteto wesono os'ezitweni zami. Hai ngami mina 'muntu'ndini! ng'ubá ozaungikulula emzimbeni wokufa loku bo? L'ixotsho lika'Nkulunkulu esilixotshiswa uJesu 'Kristo, inKosi yetu.*» [4])

416. Ukuzitanda kwetu okudhlula ubuntu, ngasitandiswa y'ini na?

Ukuzitanda kwetu okudhlula ubuntu, ngasitandiswa ukubona ukuti, umpefumulo wetu udalelwe ukuba y'inswebu ka'Nkulunkulu, utengwe ngegazi lika'Jesu, ucwetshiswe ng'uMoya ocw., nokuti singesinde nanini, uma wona ungasindi.

Nang' uJesu eti: «*Kumsiza-ni umuntu, uma nga ezuza wonke umhlaba, 'onakalelwa kodwa umpefumulo wake na? Konje* (angabuya) *aw'enane nga'nto-ni umpefumulo wake na?*» [5])

417. Ukuzitanda okuyiko, kuswelekile ukuba s'enze njani na?

Ukuzitanda okuyiko, kuswelekile ukuba sibe nexotsho elicwebisayo, silikweze, silibuyise konamanje uma silahlekelwe yilo.

«*Ung'epuzi ukupendukela enKosini, ung'epuzi izinsuku ngezinsuku; ngobapela ulaka lwayo lwoqamuka ungabekile, lukucite ngosuku lwokupindisela.*» [6]) «*Nakisisani ukutola ngempela enibizelwe neniketelwe kona ngokuba n'enza imisebenzi emihle.*» [7])

---

[1]) Joh. 12,25.—[2]) Tob. 12,10.—[3]) 2. Tim. 3,2-4.—[4]) Rom. 7, 23-24.—[5]) Mark. 8,35-36.—[6]) Sir. 5, 8-9.—[7]) 2. Pet. 1,10.

418. Ukuzitanda kwetu okuyiko, singatanda nomzimba wetu na?

Yebo, ukuzitanda kwetu okuyiko, singatanda nomzimba wetu, loku ucwetshiswe kanye nompefumulo, uyiló usebenzisana nawo, nawo ubizelwe ukufika ezulwini.

1. Njengoba umuntu, nakona enomzimba nompefumulo, ey'into'nye, kus'obala ukuti, ukucwetshiswa kwompefumulo ngexotsho eliewebisayo, nomzimba ucwetshiswa ngalo, njengoba kutsho uPaulus ocw., eti: «*An'azi yini ukuti nil'itempele lika'Nkulunkulu nokuti uMoya ka'Nkulunkulu uhlezi pakati kinina na?*»[1])

2. Siselapa emhlabeni, umpefumulo ung'enze 'luto, umzimba ungasebenzisani nawo.

3. Umzimba, mhla uvuswa ekufeni, uzautola nawo umvuzo wawo was'ezulwini (*numbers* 222, 228).

Kuyabonakala ukuti, uma sitanda umzimba ngokuyiko, asiwuvumeli 'luto olubi, siyalwa njalo nokuhuha kwawo, siwukuze, yikona sizakwenza akutshoyo uPaulus ocw., eti: «*Ngiyanincengisisa ngomhau ka'Nkulunkulu ukuba n'etule imizimba yenu ibe into yokubonga ezwayo, ey'ingcwele, eyolile ku'Nkulunkulu, kube y'inkonzo yenu yokwenggondo.*»[2])

419. Ukuzitanda kwetu okuyiko, singatanda nezinto zomhlaba na?

Yebo, ukuzitanda kwetu okuyiko, singatanda nezinto zomhlaba, loku nazo zivele ku'Nkulunkulu, sizipiwa ng'uye, yikona soti sizipata, sizipatele ukusinda kwetu.

Kanjalo singatanda ukupila, isitunzi, impahla, imfuyo. Ke, uma sizitanda ngokuyiko, kasiyikuvuma ukuba zis'onise, yikona sizakwenza akutshoyo uPaulus ocw., eti: «*Ngiti mina, 'bazalwane: Isikati sifutshane, sokusele nje ukuba nabanabafazi babe bangatiti kabanabo, nabakalayo babe bangatiti kabakali, nabatokozayo babe bangatiti kabatokozi, nabatengayo babe bangatiti kabana'nto, nabapata izinto zalo'mhlaba babe bangatiti kabazipati; ngoba isimo salo'mhlaba siyadhlula.*»[3])

420. Izono ezipambene nomteto wokuzitanda yizipi na?

Izono ezipambene nomteto wokuzitanda yizo zonke az'enzayo umuntu, loku zonke zimelene nokusinda kwake.

Kuyabonakala ukuti lezi 'zilungo ezitatu ezidhlula ubuntu, kufanele ukuba sizivuselele kaningi, noma enhliziyweni nje noma

[1]) 1. Kor. 3,16.—[2]) Rom. 12,1.—[3]) 1. Kor. 7, 29-31.

ngomlomo futi, ngoba ziy'isisekelo sokulunga kwetu konke. Ikakulu sizivuselele, la silingwa kakulu, nalapo s'amukela amasakramente, nalapo sesipansi kwokufa. Imitandazwana yaloku ifumaniseka ekuqaleni kwale'ncwadi.

2.

Imiteto.

I.

Imiteto el'i10 ka'Nkulunkulu.

Sekwatshiwo ku'*number* 394, ukuti *Emtetweni Omkulu* kupetwe yonke imiteto ka'Nkulunkulu.

421. UNkulunkulu ub'azisile yini bonke abantu imiteto yake na?

Yebo, uNkulunkulu ub'azisile bonke abantu imiteto yake, uyibale ênhliziyweni zabo bonke.

UPaulus ocw. ucaza le'ndaba, eti: »*Njengaloku izizwe* (zonke ngapandhle kwesakwa'Israel, eziamaqaba belu) *ezingena'mteto* (zingamenyezelwanga wona) *z'enza okuyaliwe ng'umteto ziz'enzela ngokwazo, zona, zingena'mteto* (zingamenyezelwanga wona), *zing'umteto ngokwazo; ziyabonakalisa-ke ukuti kubaliwe ênhliziyweni zazo ukuba z'enze okutshiwo umteto, ngoba ukuz'azela kwazo kuzifakazela, nangoba imicabango yazo imangalelana, ivikelana.*«*) Nembala, kwati kungakabiko 'mlungu na'mfundisi kwelakubo, abantu abamnyama babekwazi ngani ukuti ukweba, ukubulala, ukupinga, nokuti-ni nokuti-ni kubi, kungengoba babez'azela kakade, lokupela imiteto ka'Nkulunkulu ibaliwe nakwezabo ênhliziyo njengakwezabantu bonke, na? Noko, into ekona: seloku amandhla engqondo nentando yomuntu ancipa ngesono sakuqala (*number* 88), naselo usatana, uyise wamanga, waeyiló ezama ukupamba abantu, kwancipa nokuqonda imiteto ka'Nkulunkulu, kwancipa nentando yokuyilonda, yaza y'aziwa ka'lufifi nje eminye imiteto yake. E! Kwaba kuhle kakulu-ke ukuba uNkulunkulu ake ayimemezele ku'bantu obala.

422. Ngapandhle kwaloku uNkulunkulu wabuya w'azisa abantu imiteto yake na?

Yebo, ngapandhle kwaloku uNkulunkulu wabuya w'azisa abantu imiteto yake, ngokuba wayimemezela abakwa'Israel

*) Rom 2, 14-15.

eSinai, enika futi uMoses amatshe amabili ayipete.

T. d. 37.

423. Ngamafupi imiteto el'ishumi ka'Nkulunkulu iti-ni na?

Ngamafupi imiteto el'ishumi ka'Nkulunkulu iti:

1. Mina ngiy'inKosi uNkulunkulu wako; ungabi naonkulunkulu abanye ngapandhle kwami.
2. Ungalipateli ize igama lika'Nkulunkulu.
3. Kumbula ukwenza isabbata usuku oluy'ingcwele.
4. Y'azisa uyihlo nonyoko, yikona uyakuhlala kahle, uhlale isikati eside futi emhlabeni.
5. Ungabulali.
6. Ungapingi.
7. Ung'ebi.
8. Ungamfakazeli amanga umakelwane wako.
9. Ungafisi umfazi womakelwane wako.
10. Ungafisi impahla yomakelwane wako.

Amade, njengaloku es'eNcwadini ey'ingcw., ayakufunyaniswa, la kukulunywa umteto ngomteto.

424. UJesu 'Kristo naye wayiqinisela le'miteto na?

Yebo, uJesu 'Kristo naye wayiqinisela le'miteto ngokufundisa nangokwenza kwake.

Wati: »*Ningaboti, ngizel' ukucita umteto nabaprofete; angizelanga ukucita, ngizele ukugcwalisa. Ngoba ngiqinisile ngiti kinina, kungakadhluli izulu nomhlaba, akuyikudhlula na'yota nje*[1]) *munye, na'catshana linye lomteto, kuze kwenzeke konke. Ngako-ke osuk' ecita nowodwa nje kule'miteto emincinyane, afundise abantu kanjalo, uyakutiwa omncinyane embusweni wezulu; kepa oyakugcina (umteto), awufundise, uye oyakutiwa omkulu embusweni wezulu.*«[2])

[1]) Elokuti "uyota" yilo okubizwa ngalo esiHeberwini u"i". — [2]) Matth. 5, 17-19.

Umteto wokul ka'Nkulunkulu.

Mina ngiy'inKosi uNkulunkulu wako; ungabi naonkulunkulu abanye ngapandhle kwami.

*«Mina ngiy'inKosi uNkulunkulu wako, yimi engikukipile kwelas'eGipite, emzini wobugqila; ungabi naonkulunkulu abanye ngapandhle kwami; ungaz'enzeli 'sitombe na'mfanekiso muni wokus'emkatini ngapezulu, nowokus'emhlabeni pansi, nowokus'emanzini ngapansi kwomhlaba. Ungakukulekeli okunjalo, ungakukonzi: yimina engiy'inKosi uNkulunkulu wako onamandhla, onobukwele, ohlaulisa abantwana ngenxa yobubi bwaoyise kuze kube isizukulwane sesitatu nesesine sabangizondayo, opata ngomusa esenkulungwane sabangitandayo, belonda imiteto yami.»**)

A.

Emtetweni wake wokul uNkulunkulu uyasiyala uti, as'enze-ni na?

425. Emtetweni wake wokul uNkulunkulu uyasiyala uti, as'enze-ni na?

Emtetweni wake wokul uNkulunkulu uyasiyala uti, asimvume, simkulekele yena yedwa, njengoba eng'uNkulunkulu ong'uye yedwa.

Numbers 4-33; 35-50; 69, 100; 178, 179; 240.

426. Simvume uNkulunkulu ngokwenza-ni na?

Simvume uNkulunkulu ngokukolwa nokutemba kuye nokumtanda yena yedwa.

Numbers 373-403.

427. Simkulekele ngokwenza-ni na?

Simkulekele ngokuba, ukumvuma kwetu enhliziyweni, sikubonakalise, sikuzwakalise.

Umuntu aka'moya wodwa, uumzimba futi obonakalayo, ozwakalayo. Ngako-ke kufanele, e! kuswelekile, ukuba ukumvuma nokumdumisa kwetu uNkulunkulu kwas'enhliziyweni kubonakale, kuzwakale.

428. Sibonakalise, sizwakalise ukumvuma kwetu uNkulunkulu ngokwenza-ni na?

*) 2. Mos. 20, 2-6.

Sibonakalise, sizwakalise ukumvuma kwetu uNkulunkulu ngenkonzo yonke yas'esontweni neyas'emakaya.

Inkonzo yas'esontweni neyas'emakaya:—

1. Umuntu eyedwa: emkulekela uNkulunkulu ngokuguqa ngedolo, eguqa pansi, ehlanganisa izandhla, etshaya isifuba, ekotama, etshaya isipambano, ehlonipa (ukungaqalazi, ukungakulumi, ukungahleki, ukwetula isigqoko noma kungenwa esontweni noma kudhlulwa nje kulo), egcina namipi imininingwana yenkonzo yas'esontweni neyas'ekutandazeni nangapandhle kwesonto.

Kukona amaProtestante asola konke loku. Po, umlungu kakulekeli yini inkosi yakubo na, umuntu kakulekeli inkosi yakubo yini? Inkonzo yamakosi kaina'minininingwana emininginingi ku'belungu naku'bantu abamnyama yini? Pela, abasuka besola loku, kungatiti kubakohlile ukuti umuntu u'nto'mbili: umpefumulo *nomzimba;* ukupela nje.

2. Umpakati wamakolwa uhlangene: amakolwa etandaza kanyekanye esontweni noma ekaya, ehlabelelela uNkulunkulu, emtshayela amaxilongo, ezungeza, 'amukela amasakramente, egcina amasakramentale noma ewagcinelwa, ekipa isicelo seBandhla nabakulu balo, 'enza neminye imisebenzi esetshenzwa ngenxa ka'Nkulunkulu njengokwaka izikole nani.

Uma abantu abamnyama besuka bebonga amadhlozi, uma benyatelisa inkosi, uma kwetshwanywa, noma kwenziwa-ni nani, akwenziwa 'luto yini olubonakalayo, oluzwakalayo na? aku'minininingwana emininginingi egcinwa kona na? E! Naku-ke kunjalo nalapo kubongwa kona uNkulunkulu ong'uye.

Ukuti ukudumisa nokutemba kwetu iziCwetshiswa aku'nto'nye nokudumisa nokutemba uNkulunkulu, nokuti ukutandaza kwetu kuzona aku'luhlobo lunye nokukulekela uNkulunkulu, sekwatshiwo ku'*number* 364.

429. Yizipi izono ezipambene nokumvuma nokumdumisa uNkulunkulu enhliziyweni na?

Izono ezipambene nokumvuma nokumdumisa uNkulunkulu enhliziyweni yilezo zonke ezipambene nokolo oluyilo netemba eliyilo notando oluyilo.

430. Izono ezipambene nokumkulekela uNkulunkulu okubonakalayo nokuzwakalayo yizipi na?

Izono ezipambene nokumkulekela uNkulunkulu okubonakalayo nokuzwakalayo ng'ukudelela nokuputa nokungagcini kahle inkonzo ebonakalayo nezwakalayo.

1. Ukudelela: ngokuba ikolwa liti, konke loku kul'ize, akuswelekile, litshiso pela okweProtestante.

2. *Ukuputa:* ngokuba ikolwa, noma lingadeleli, ling'enzi imininingwana leyo ey'ingcwele efanele ukwenziwa amakolwa.

3. *Ukungagcini kahle:* ngokuba ikolwa lisuka liqalaza, lihleka, likuluma, lihlekisa, likulumisa, lingahlonipi, l'enza-ni nani; kwazisa pela ukuti inhliziyo kaiko kumbe inkumbulo kaiko.

B.

Emtetweni wake woku1 uNkulunkulu wala ukuba s'enze-ni na?

431. Emtetweni wake woku1 uNkulunkulu wala ukuba umuntu 'enze-ni na?

Emtetweni wake woku1 uNkulunkulu wala ukuba umuntu akonze into enge'Nkulunkulu njengoNkulunkulu.

Ukupambeka loku, umuntu upanjwa y'ini kanjé, aze ashiye enxenye uNkulunkulu ong'uye, umVelingqangi ong'uye, umDali, umEnzi, umKwezi, isAnda somhlaba, umNiniyena, umNini'mandhla onke, akonze okunye okunge'Nkulunkulu, ati kung'uNkulunkulu kuye, akolwe kuko, akwesabe, atembe kuko, 'enze ati kufunwa yiko, na? Ukupambeka loku okwesabekayo, okutiwa ng'**ubuqaba**, kuvele (a) ku'satana oyiloku ebanga ubuNkulunkulu seloku waqala ukwona, kuvele (b) ebupukupukwini bwabantu abavuma ukuba bapanjwe usatana, abakolwa *amanga abadala*, abanikezela wona abantababo.—Ke, ukuqonda indaba yobuqaba, kuswelekile ukuba siqonde kuqala

I.

Indaba ka'satana.

1.

Indaba ka'Nkulunkulu nosatana.

432. Usatana, imvelo yake, waey'ini na?

Usatana, imvelo yake, waey'ingelosi enhle kakulu, enamandhla amakulu, enento e'luhlobo lwobuNkulunkulu enjengexotsho elicwebisayo.

433. Le'ngelosi es'ing'usatana yadalwa ubá?

Le'ngelosi es'ing'usatana yadalwa ng'uNkulunkulu njengezingelosi zonke.

Numbers 55-60.

434. Le'ngelosi, ukuguquka kwayo usatana, yaguqulwa y'ini na?

Le'ngelosi, ukuguquka kwayo usatana, yaguqulwa ng'ukwona kwayo.

Number 61. Ukwona kwayo, yaifuna ukufana noNkulunkulu, ibanga ubuNkulunkulu.

435. Ukuguquka kwayo usatana, kw'enza njani na?

Ukuguquka kwayo usatana, ingelosi leyo yalahlekelwa ixotsho elicwebisayo, yaxotshwa ezulwini, ingqondo nentando yayo yaqiniseka ebubini, yaponswa esihogweni.

Kwat'uba kupambane ingqondo nentando yayo nengqondo nentando ka'Nkulunkulu, intando yayo yais'ikufuna ukupambana loko, is'ifuna ukwona loko, ingasafuni ukupenduka nokulungisa, ingafuni nokulungiselwa ubani, ifuna ububi, nanamhlaloku ifuna bwona, nanini yoba isafuna bwona.—Ngokwenza njalo, ngokwona pela, yalahlekelwa ixotsho elicwebisayo, yalahlekelwa amandhla belu okuhlala kwa'Nkulunkulu, ezulwini (*number* 80). Nanjengoba yaingasafuni ukulungisa nokulungiselwa, kuyabonakala ukuti kaisoze yabuya ibuyele ezulwini.—Yati-ke ilahlekelwe amandhla okuhlala ezulwini, yaxotshwa kona, yaponswa esihogweni (*number* 62).

436. Ukuguquka kwayo, iguquka usatana, yalahlekelwa naamandhla obungelosi bwayo na?

Qabo, ukuguquka kwayo, iguquka usatana, ailahlekelwanga amandhla obungelosi bwayo, isenawo nanamhla.

1. Into, ingelosi leyo eyailahlekelwa yiyo, l'ixotsho elicwebisayo, elona, njengoba liy'into e'luhlobo lwobuNkulunkulu, idhlula ubungelosi, njengoba idhlula kakade nobuntu. Kodwa amandhla, leyo'ngelosi eyainawo *njengoba iy'ingelosi* edaliwe uNkulunkulu, *asala kuyo nakuba yonile.* Kunjalo naku'muntu. Uma umuntu okade esenexotsho elicwebisayo 'ona uNkulunkulu ngesono esibubisayo, ulahlekelwa kambe ixotsho elicwebisayo, into pela edhlula ubuntu bwake. Kodwa amandhla anawo *ngokuba eng'umuntu,* amandhla belu okuhamba ngênyawo, okubeka ngamehlo, okuqonda ngengqondo, okuzitandela ngentando nawani nani, akapeli ngokwona kwake.

2. Amandhla, leyo 'ngelosi esenawo nakuba yonile, angakanani **emandhleni omuntu** na? **Makulu kakulu.** loku kuamandhla engelosi.

Angakanani **emandhleni ka'Nkulunkulu** na? **Mancane impela,** loku kuamandhla esidalwa njena, ng'amandhla adaliwe ng'uye uNkulunkulu, Yena engadalwanga, eng'umNini'mandhla onke, onke amandhla akona noma ku'bani noma kuyip' indawo evele kuye.

437. Usatana, njengoba ey'isidalwa sika'Nkulunkulu, uzipete yini na?

Qabo, usatana njengoba ey'isidalwa sika'Nkulunkulu, akazipete, upetwe, us'emtetweni womEnzi wake ong'umNiniyena, njengoba eng'umNinikonke.

Sokw'ezwakala ku'*number* 69 ukuti uNkulunkulu ung'umNinikonke. Kwabuya kw'ezwakala ku'*numbers* 95 & 100 ukuti umuntu, nakona enamandhla okuz'enzela, angebaleke emtetweni wokufuywa ng'umEnzi wake. Nendaba yezingelosi injalo.

Kanjalo ingelosi leyo es'ing'usatana yaingafuna okupambene nakufunayo umEnzi wayo, umNiniyo; nempela yaikufuna, y'ona pela, yamahlula-ke uNkulunkulu kuloko. Kanti pezu kwaloku usafuyiwe ng'uNkulunkulu, us'emtetweni nas'emandhleni ake. Uy'inja-ke ka'Nkulunkulu, y'inja ezonda kambe umNiniyo, kodwa y'inja efuyiwe, epetwe ng'uNkulunkulu njengazo zonke izinto ezidaliweyo.

438. Indaba yezinye izingelosi ez'ona kanye nosatana injani na?

Indaba yezinye izingelosi ez'ona kanye nosatana injengeyake, ukupela nje kwokuba emkulu kuzo ngamandhla anawo.

Yilezo 'zingelosi okutiwa ng'amademone (*number* 61).

2.

Indaba yomuntu nosatana.

439. Usatana uyabatanda yini abantu na?

Qabo, usatana kabatandi abantu, uyabazonda.

440. Usatana ezonda abantu, ubazondiswa y'ini na?

Usatana ezonda abantu, uyabazondiswa ng'umona.

Kwati usatana es'eng'usatana, ngelinye ilanga waqabuka umhlola wenzeka lapa emhlabeni, ebona pela uNkulunkulu ebumba isimo somuntu ngomhlabati, epefumulela kuso, kwasokuba umuntu opilayo, uAdam. Waza wambona uNkulunkulu 'aka uEva ngobambo luka'Adam. Kepa nank' umhlola omkulukazi, usatana owaewuqabuka kulezo 'zinto ezimbili ezibunjiwe ngomhlabatshana nangomoya, ebona emipefumulweni yazo *ixotsho eliewebisayo,* lona lelo owaenalo naye esadaliwe nje. Wat'ub' abone le'nto e'luhlobo lwobuNkulunkulu ikona ku'bantu, waqonda ukuti badalelwe ukufika nokuhlala kwa'Nkulunkulu ezulwini, nakuba bey'izinto ezidhlulwa kakulu y'izingelosi. Lapo-ke waes'engenwa umona owesabekayo, 'azi ukuti bona bangaba abantwana baka'Nkulu-

nkulu, badhle ifa lake las'ezulwini, yona namademone ake bengasayikuba na'mandhla anjalo nanini. Aike yilo'mona owamsusa uSatana, aye'kuhlasela abantu, abange ixotsho lelo eliewebisayo. Nembala wab'ahlula, wabalahlekisa ixotsho eliewebisayo, eyilahlekelisa lona nenzalo yonke yabo. *Ngomona ka'satana kwangena ukufa emhlabeni.*»[1])

Pela, uNkulunkulu watuma inDodana yake, yona-ke yaz'enza umuntu yasebenzela abantu amandhla okukitshwa emandhleni ka'Satana, namandhla okubuyiselwa ixotsho lelo eliewebisayo. Kepa umona nenzondo ka'Satana kusekona kokubli. Nanamhlaloku useyiló ebanga ukuvimbela abantu ukufumana nokukweza ixotsho eliewebisayo, yikona bengayikufika ezulwini, batshone lapo kutshone kona yena namademone ake, esihogweni pela.

441. USatana namademone bangahlala bangasebenza yini lapa emhlabeni na?

Yebo, uSatane namademone bangahlala bangasebenza lapa emhlabeni, kuze kube l'usuku lwokugcina.

Naku kutiwa esAmbulweni: »..... *saponswa-ke isilo leso esikulu, ingoku enzala leyo etiwa izulumba, itiwa futi uSatana, edukisa umhlaba wonke, e' saponswa-ke emhlabeni, ne: ingelosi xaso xaponswa pansi kanye naso.*»[2]) Akufundwe nokugcina kuka'*number* 61.

442. USatana namademone bangasiza yini abantu na?

Yebo, usatana namademone bangabasiza abantu kambe, loku amandhla abo emakulu knnawabantu.

1. Njengoba *ingqondo yokuhlakanipa nokwazi* kuka'Satana namademone kudhlula kakulu okwomuntu, *bang'azisa* umuntu into angay'azi yena. Kodwa into ekona: kuninginingi, uSatana namademone abangakwaziyo, loku nabo bey'izidalwa nje. "Owazi konke" ng'uNkulunkulu yedwa. Nenye into ekona: njengaloko uSatana eng'"*uyise wamanga*"[3] namademone enjengaye, noma esuk'azisa umuntu into etize, akwaziwa noma etsho into ekona yini noma amanga nje. Pela ukutsho isiminya, angatsho isiminya, noma ezitsholo ngoba ebanga akubangayo, noma etshiswo uNkulunkulu nabapete amandhla ka'Nkulunkulu (abapriste). Kepa kunjengakutshoyo uJesu uqobo eti: (USatana) *ak'emi esiminyeni, loku isiminya singeko kuye. La ekuluma amanga, uyakuluma okwake, loku eng'umqambi wamanga noyise wawo*»[3])

2. Njengoba *amandhla* ka'Satana namademone edhlula kakulu awomuntu ang'enza *imilingo* edhlula amandhla omuntu. Anga-

[1]) Hlak. 2,24.— [2]) Amb. 12,9.— [3]) Joh. 8,44.

bonakala ngesimo sento kumbe esomuntu, njengoba wabonakala ngesenyoka (uma waengayingenanga nje inyoka, T. d. 4.), nanjengoba ingelos'enkulu uRafael wabonakala ngesomuntu (T. d. 79.) nanjengoba izingelosi zabonakala hu'Abraham ngesabantu (T. d. 13.). Ang'enza ukuba into etize ibonakalise okwenye into etize njengoba abangoma baka'satana babeveza kanjalo okwafana namaselesele (2. Mos. 8,7.). Angangena umuntu, aze apoqe zonke izito zamngenilo, ukupela kwentando angeyipoqe (T. t. 19. 32.). Angangena izinto, njengêngulube (Mark. 5, 1-17.). Angagulisa umuntu, njengoJob (T. d. 30). Ang'ona umuntu nangezinto zokwomhlaba, seloku, zati ziy'impahla ka'Adam, zadhliwa usatana, mhla 'ahlula umninizo uAdam.

3. Ukwenza *isimangaliso esiyiso uqobo* (*number* 121, 5), uSatana namademone bay'ahluleka, loku uNkulunkulu, Yena owaqamba umteto wakudalile, ng'uye yedwa ongawuguqula. Kepa ukwenza *umlingo*, usatana namademone bangaw'enza, baw'enze ngokwazi nokusebenzisa imiteto namandhla ezinto azidalile uNkulunkulu, njengoba negagu lomuntu ling'enza umlingo omangalisa wonk' umuntu osuk' eng'azi imiteto namandhla alezo 'zinto, ezisetshenziselwa l'igagu umlingo walo. Ukuba izwi litumeka ngocingo, kung'umlingo ku'muntu ong'azi imiteto namandhla onyazi*); ukuba inqola ihanjiswa unyazi, ingadonswa 'hashi na'nkomo nani, kung'umlingo ku'muntu osuk' eng'azi 'luto. Kodwa akuso isimangaliso uqobo, loku lapo kusetshenziswa nje amandhla adaliwe uNkulunkulu.

4. *Ukudala* (*number* 51), uSatana namademone bangedale, loku nabo bey'izidalwa nje zika'Nkulunkulu; ng'uye uNkulunkulu yedwa ongadala (*number* 52).

443. USatana namademone bangabasiza *njalo* yini abantu na?

Qa, uSatana namademone bangebasize *njalo* abantu, loku bengazipete.

Ukuvumela uSatana namademone *ukububisa* abantu, imipefumulo yabo belu, uNkulunkulu *angebavumele*. Kodwa ukubadedela *balinge* abantu, babalingo *nangokubasiza*, *angabadedela* loku, ukubeka abantu emhlabeni, ebabekele ukuvivinywa (*number* 1). Amandhla okwahlula abantu, la bona *bengatandi*, uNkulunkulu kawanikanga uSatana namademone.

444. USatana namademone, ukusiza kwabo abantu, bayabasiza ngempela yini na?

*) NgesiNgisi kutiwa *electricity*.

Qabo, usatana namademone, ukusiza kwabo abantu, kababasizi ngempela, inganti bebanga ukubatshonisa esihogweni kupela nje.

Ukusiza kuka'satana naku! Ukuba wena, 'Bani, uzonda uBanibani kakade, ub'us'umazi ukuti ufun' ukuzipanyeka, into nje asayidinga y'intambo, ub'us'umfunela yona, umnike, azipanyekeke—umsizile konje yini na? *Umbulele!* Kunjengakutshilo uJesu ukuti: »*Lowo* (usatana) *waeyiloku eng'umbulali wabantu selo kwaba s'ekuqaleni.*«*)

445. Umuntu, etemba usatana namademone, etanda ukusizwa yibo, wenza-ni na?

Umuntu, etemba usatana namademone, etanda ukusizwa yibo, wenza isono es'esabekayo, loku ekonza isita sika'Nkulunkulu ong'uye esibanga ubuNkulunkulu.

Umuntu os'eqonde indaba ka'satana namademone uy'azi ukuti, y'into inye abasuswa yiyo basize umuntu—inzondo yabo:

1. bezonda umuntu, bengafuni nakanye ukuba asinde afike ezulwini, beyiloku bezamelela ukumtshonisa esihogweni;

2. bezonda uNkulunkulu, bebanga ubuNkulunkulu. Ngenxa yaloku usatana namademone bayampamba umuntu, aze ashiye, akohlwe uNkulunkulu ong'uye, akolwe, atembe, 'esabe, akonze, abonge, ahlabele usatana namademone, njengoba kw'enza amaqaba as'endulo, namaqaba amanje es'enza njalo.

Umuntu okade esakonza inkosi yakubo, etandwa kakulu, esizwa kakulu iyo, uma es'ehlubuka kuyo—angiti ekuboneni kwabantu ng'umhlola lo? Kanti, uma es'esuka ekonza inkosi ey'isita seyakubo kwalowo 'muntu, isita pela esibanga kakade ubukosi bwaleyo 'nkosi, sifun' ukuyicita nokuyibulala—angiti kung'umhlolakazi! E! Linjalo icala lomuntu okonza usatana.

II.

Ubuqaba.

Izinhlobo zobuqaba nazi:

1. Amaqaba akonza usatana uqobo, etsho eti, yena ung'unkulunkulu wabo. Kuyabonakala ukuti aekona amaqaba anjalo, asekona anjalo namanje.

2. Amaqaba akonza izilwane ezitize nezinto ezitize nemifanekiso yazo. Izizwe lezo, abakwa'Israel abab'akelene nazo, zaziamaqaba anjalo. Kungako-ke uNkulunkulu wabanqabela ukuz'enzela izitombe nemifanekiso yokus'*emkatini* (njengoba ilanga

*) Joh. 8,44.

laling'unkulunkulu wamaPersi, inyanga owabas'eKaldeya, inqe owabas'eGipite), neyokus'*emhlabeni* (njengaloko itole lenkomo, nekati, nezinye nje izilwane zazing'aonkulunkulu babas'eGipite), neyokus'*emanzini* (njengaloko ingwenya yaing'unkulunkulu wabas'eGipite, inhlanzi owabas'eSiria).

3. Amaqaba at'ekonza onkulunkulu aba'nhlobonhlobo, akonze nabantu, noma besekona, noma bengaseko (amadhlozi), nemifanekiso yabo. (Indaba ka'Nabukodonosor T. d. 91. – Okoko babas'eRoma, amaTshaina etc.)

4. Amaqaba akonza into ey'into nje: itshe, umuti, isipunzi somuti, nani nani.

5. Amaqaba akonza abantu abangaseko — amadhlozi, engaz'enzeli kodwa imifanekiso nezitombe zabo. Kuyabonakala ukuti abantu abamnyama abakuleli'zwe bang'amaqaba anjalo. Bayafana nganxanye nohlobo lwesi3, into nje abangay'enzi, kabaz'enzeli imifanekiso yabantu abangaseko b'enzele ukuyikonza.

1.

Amadhlozi.

Akufundwe lapa okuku'*number* 35.

446. Uma kutsho abantu, idhlozi liy'ini na?

Uma kutsho abantu, idhlozi ling'umoya womuntu osafa oguquke inyoka.

447. L'iqiniso yini ukuti, umuntu ofileyo uguquka inyoka, na?

Qabo, ukuti umuntu ofileyo uguquka inyoka, ng'amanga odwa.

Kona abantu bedukile nganxanye ngendaba yamadhlozi, nganxanye kufumaniseka iqiniso linye lapa, elokuti: umuntu, la efa, uqobo lwake alupeli; umoya, umpefumulo wake aufi pela. Konke okunye y'into engeko.

Nembala, ng'umupi umuntu *ongafakazela* ukuti umuntu, uma es'efile, uguquka inyoka na? kumbe aguquke yona, uma es'ebuyiswa abakubo na? nokuti inyoka leyo ing'uye lowo 'muntu osafa na? Kamuko! Ukutsho, bayatsho; ukufakazela, pinde! Y'ini bangatshiso okwabas'eIndia (lapo kuvela kona namaKula), bati, umuntu uguquka inkomo, kumbe imbuzi, kumbe ikati, kumbe iselesele, kumbe isilwane sipi na? Ukukolwa ìnsumansumane ezinjé kupambene nengqondo. Uqinisile uMoya ocw., uti ngomlomo ka'Paulus ocw.: «*Ulaka luka'Nkulunkulu, luti luvela ezulwini, luvela obala luvelela bwonke ububi nako konke ukungalungi kwabantu abacindezela pansi isiminya sika'Nkulunkulu*

ngobubi (abanabo), *lokupela okwaziwa ngendaba ka'Nkulunkulu kubonakele pakati kwabo, ngoba uNkulunkulu ebabonakalisele kona. Ngobapela okwoqobo lwake okungabonakali, amandhla belu nobuNkulunkulu bwake obumiyo, kuyabonakala, kuqondakele ngalezi 'zinto ez'enziweyo, ukuqonda kutatela ekudalweni kwomhlaba: ngako-ke bangezihlanguze; kungoba, bemazi uNkulunkulu, abamdumisanga, abambonganga njengoNkulunkulu, qa, baba y'izipukupuku ukucabanga kwabo, nenhliziyo yabo ey'isilima yahlwelwa; bati kambe, bay'izazi, kanti ngokwempela babey'iziula. E! Ubukosi buka'Nkulunkulu ongena'kububa babwenana ngomfanekiso womuntu obubayo, nangowezinyoni nangowezilwane ezi'nyawo'ne nowezilwane ezinwabuzelago.* *) Kunjalo belu: Abantu abamnyama *b'enana ubukosi buka'Nkulunkulu ong'uye ngomuntu ofileyo, ngedhlozi pela.*

448. Uma kutsho abantu, amadhlozi anamandhla mapi na? Uma kutsho abantu, amadhlozi anamandhla onke.

Ngokutsho kwabo, yiwo amadhlozi apilisa abantu bakubo nempahla yakubo, yiwo acumisa amasimu, yiwo anisa izulu, yiwo anamandhla okuleta inhlanhla noma iyipi nokuhlupeka noma yikupi, nokuvimbela nokupezisa ukuhlupeka. *Kwazis' ukuti ku'bantu amadhlozi ng'aonkulunkulu.* Ukutsho ngomlomo ukuti amadhlozi ng'aonkulunkulu, abantu kabatsho; okuzwakala emlonyeni yabadala nas'ênganekwaneni kwazis' ukuti uNkulunkulu uyedwa, namadhlozi awodwa. Kepa-ke, naku ukutemba kwabo amadhlozi kuyatsho ukuti amadhlozi ang'abanini'mandhla onke.

449. Amadhlozi ayibo yini abanini'mandhla onke na?

Qabo, amadhlozi akasibo abanini'mandhla onke, loku pela umNini'mandhla *onke* angaba munye nje zwi, oyena eng'u-Nkulunkulu.

Numbers 27, 35.

450. S'azi ngani ukuti amadhlozi akana'mandhla na?

Ukuti amadhlozi akana'mandhla siyakwazi ngoba wona ngokwawo ang'abantu nje kupela.

Umuntu ng'umuntu, noma esekona emhlabeni, noma engaseko. Amandhla omuntu ng'amandhla omuntu, noma esekona emhlabeni, noma engaseko. Ke, idhlozi lona ngokwalo ling'umuntu, ng'umuntu ongaseko. Amandhla, idhlozi elingaba nawo, ng'amandhla elinawo njengoba liumuntu, ukupela. Lona-ke, njengoba liumuntu njalo, alina'mandhla ezingelosi, alina'mandhla ka'Nkulunkulu futi.

*) Rom 1. 18-23.

Nembala, idhlozi lelo elikade liseng'umuntu nje walapa emhlabeni ow'ahluleka ukuz'elapa, wafa, w'ahluleka nokwelapa abantabake wafelwa yibo, w'ahluleka ukwelapa izinkomo zake zampelela zonke nya, yena lowo 'muntu, qed'ub' afe, us'epete indaba yonke yokupila nokufa kwabantu bakubo nokwempahla yakubo na? Futi, umuntu lowo okade 'onakalelwa ukudhla kwake, wafa indhlala, us'eyakwazi ukucumisa amasimu na? Kade 'ahluleka izulu lingani, us'enamandhla okulinisa na? Kade 'ahluleka izulu liduma libuqa ukudhla ngesiqoto, us'eyakwazi ukulivimbela izulu na? Kade 'ahlulwa izulu limtshaya, limbulala, us'elipete izulu na? Kade eselapa emhlabeni umuntu lowo w'ahluleka ukuti nokuti nokuti-ni, manje es'el'idhlozi, eseng'uye umuntu nje yena lowo, sekung'uye owahlula, obusa konke loko okukade kumahlula na? Ai, yek' însumansumane zezipukupuku bo!

Odale umuntu, odale inkomo nembuzi nani, odale umhlabati nembeu yokudhla, odale ilanga nemvula, odale izulu leli, odale konke pela okukona, ng'umuntu lowo yini okutiwa us'el'idhlozi na? Oyiloku ekweza umuntu nenkomo nani nani, ekweza konke pela okukona, okuti, uma eyek' ukukukweza, kubube kupele nya, ng'umuntu lowo yini okutiwa us'el'idhlozi na? Akuyena kakade. Ng'uye uNkulunkulu yena yedwa. Po-ke, kunge umuntu lowo owadala, okweza konke loku, api amandhla ake na? Kawako, ukupela kwendaba.

451. S'azi nangani ukuti amadhlozi akana'mandhla na?

Ukuti amadhlozi akana'mandhla siyakwazi nangoba akung'uNkulunkulu owapa amandhla.

Umuntu lowo okutiwa us'el'idhlozi, okade el'iqaba eses'emhlabeni, engamvumi, engamkonzi uNkulunkulu, ut'uba afe, uNkulunkulu ngahle asuke az'amuke onke amandhla ake, az'amuke ubuNkulunkulu bwake uqobo, ab'es'eti kulelo 'qaba: Mi, wena 'qaba, nank' amandhla ami onke as'eng'awako, ubuNkulunkulu bwami nampu sebung'obwako, mina 'Nkulunkulu ngipele, ngiciteke nya, sekuwena ong'uNkulunkulu—ngiti, uNkulunkulu angasuka 'enze into enjalo yini na? Angeke! Noma eb'etanda ukwenza okunjé, uy'ahluleka, loku uNkulunkulu eng'uNkulunkulu.

Ukuba nga ihlakani lisuka liti: Ai pela, kus'obala ukuti uNkulunkulu angezicite, kodwa angapa amadhlozi amandhla, njengoba nang' ezipa wona iziCwetshiswa, ngitsho nawokwenza izimangaliso—e! kambe, amaqaba afileyo ay'iziCwetshiswa, ang'abangane abakulu baka'Nkulunkulu yini na? futi, iziCwetshiswa zinjengaonkulunkulu kitin' amakolwa yini na? size siti, akuyena uNkulunkulu onamandhla onke, siti, yizo ezing'abanini'mandhla onke, yini na?

452. S'azi nangani futi ukuti amadhlozi akana'mandhla na?

Ukuti amadhlozi akana'mandhla siyakwazi futi ngoba nosatana namademone bangewape amandhla.

1. Usatana angewape amadhlozi amandhla *onke*, loku yena engesiye umnini 'mandhla onke. Njengaloko umuntu engeyilowo owadala, okweza konke, kanjalo nosatana akasiye owadala, okweza konke, loku naye edaliwe nje njengaye umuntu.

2. Usatana angewape amadhlozi amandhla *anawo yena*. Umuntu, qed'uba afe, us'ey'ahlulwa umteto wokufuywa ng'uNkulunkulu, umNiniyena; at'uma elungile, ahlale ngomteto wobuhle bwas'ezulwini; at'uma engalungile, ahlale ngomteto wobubi bwas'esihogweni. E! Nabas'esihogweni bangebaleke emtetweni wokufuywa ng'uNkulunkulu. Umuntu lowo os'etshonile esihogweni, nakuba es'ehlalisiwe kwa'satana, kasiso isibotshwa sika'satana, ng'esika-'Nkulunkulu, lokupela nosatana uqobo ey'isibotshwa sika'Nkulunkulu. Ngakoke (1) uma abantu beti, **"bayambuyisa" umuntu ofileyo** ab'es'eba l'idhlozi, ng'amanga odwa; **akabuyiseki,** noma es'ezulwini noma esihogweni. Ke, engabuyiseki, kus'obala ukuti, nokuguquka, **akaguquki.** (2) Nosatana, noma eb'efuna ukubuyisela umuntu ofileyo, amtumele emzini wakubo, esizweni sakubo, asebenze kona ngamandhla awapiwe uye, uy'ahluleka kakade, loku umuntu lowo enges'emandhleni ake, noma eng'umngane ka'Nkulunkulu ezulwini, noma ey'isibotshwa sika'Nkulunkulu esihogweni. Namandhla amupe kanjani nje, enge'nto yake, ey'impahla ka'Nkulunkulu, es'el'ukuni oluyiló lubaswa esihogweni, lungapeli?

Kuyabonakala-ke ukuti **idhlozi lil'ize leze. kalina'mandhla a'luto.** Ngako-ke namandhla okwehlisela abantu ukuhlupeka nokufa, amadhlozi kanawo.

453. Po-ke, ng'ubani okonzwa ngempela ng'abakonza amadhlozi na?

Okonzwa ngempela ng'abakonza amadhlozi ng'usatana namademone.

Sesibonile ukuti amadhlozi ngokwawo aka'luto, akana'mandhla; futi kana'kupiwa 'mandhla noma ng'uNkulunkulu noma ng'usatana. Kepa namp' ubuqili buka'satana owaeyiloku ebanga ubuNkulunkulu, ebubanga naku'bantu, seloku w'ahlula inkosi eyiyo yomhlaba, uAdam, umuntu pela, owaepiwe konke okudaliweyo, ekupiwa ng'uNkulunkulu, owati ku'muntu, akabuse zonke izinto zomhlaba (*number* 90). E! Usatana wamamuka-ke ubukosi, kwasekung'uye oy'"*inkosi yalo'mhlaba.*"*)

*) Joh. 12,31. 14,30. 16,11.

Kodwa usatana waengakauli lapo. Waehleze ezama ukupamba abantu, baze bashiye, bakohlwe uNkulunkulu ong'uye, bakonze enye into enge'luto ngokwayo, bati, yona ing'uNkulunkulu kubona. Kanti ngokwempela, ukukonza kwabo lezo 'zinto, bayakonza usatana namademone. Naku kutsho uMoya ocw. ngomlomo ka-'Paulus ocw., uti: «*Akuhlabayo amaqaba* (ebonga), *ayakuhlabela imimoya emibi, ai uNkulunkulu.* [1]) Ke, "imimoya emibi" yizo izingelosi ezimbi zas'esihogweni, usatana namademone. Kungako-ke usatana, kutiwa, ung' "*unkulunkulu walo'mhlaba.*" [2])

454. Ukukonza amadhlozi kuy'isono esingakanani na?

Ukukonza amadhlozi kuy'isono esikulukazi, es'esabeka nokwesabeka.

UMoya ocw., la ukuluma ngabakwa'Israel, uti: «*Kanjalo isitandwa* (isizwe esiketiweyo, esakwa'Israel) *sakulupala; sasesikahlela-ke; sat' uma sesinonile, sizimukile, si'sibukubuku, samshiya uNkulunkulu owaesidalile: sasuka ku'Nkulunkulu, umsindisi waso. Bamhlaba inhliziyo ngokukonza abanye onkulunkulu, bamtukutelisa ngamanyala: bahlabela onkulunkulu* (babonga onkulunkulu), *ai uNkulunkulu. . . . E! UNkulunkulu, wena ong'umntwana wake, umshiyile; ukohliwe inKosi, umDali wako. InKosi yabona-ke loku, yatukuteliswa, kungoba amadodana namadodakazi ayo ayitukutelisa. Yais'iti: Ake ngibafihlele ubuso bwami, ngibone noma ukugcina kwabo kwoti-ni, loku bey'isizukulwane esihlubela nhlanye, beng'amadodana angatembeki. Bangibangisa ngonkulunkulu onge'Nkulunkulu, bangitukutelisa ngaonkulunkulu babo; mina-ke ngizaubabangisa ngesizwe esinge'sizwe, ngibatukutelise ngesizwe seziula. Umlilo wolaka lwami upenjiwe, uzauvuta esihogweni, ngitsho nas'olontweni lwakona; uzaudhla umhlaba kanye nezitelo zawo, utshise nezisekelo sezintaba. Ngizaub'elakanyisela ukuhlupeka pezu kwokuhlupeka. . . . Y'isizwe esingena'ngqondo, esigena'kuhlakanipa. Sengati bangaba nengqondo nokwazi, bacabange ukugcina kwabo. . . . Lapo-ke us'ezauti: Bapi konje onkulunkulu babo ababebatemba na? bona labo* (onkulunkulu, abantu bakwa'Israel) *ababedhla amafuta enyama eyaibabongile, bapuza iwaine elalibabongile na? abavuke* (onkulunkulu labo), *baniputume, banivikele njengaloku nihlupekile. E! Qondani ukuti yimina ngedwa, nokuti akuko 'Nkulunkulu ngapandhle kwami! Yimina obulalayo, yimina opilisayo, yimina otshayayo, yimina opulukisayo; kamuko onamandhla okwopula noma ubani esandhleni sami.*» [3])

[1]) 1. Kor. 10,20.—[2]) 2. Kor. 4,4.—[3]) 5. Mos. 32, 15-23. 28-29. 37-39.

Nank' uMoya ocw. uti futi ngomlomo ka'Moses kwabakwa-'Israel: *Uma kutsho umfo wenu, umntaka'nyoko, noma kutsho indodana yako noma indodakazi yako noma umfazi olala esifubeni sako, noma kutsho umngane wako omtanda kuhle kwempilo yako, enyenyeza eti: "Asihambe, sikonze abanye onkulunkulu abang'aziwa uwe naokoko bako, abafumaniseka kuzo zonke izizwe zangalapa nangalapo, ezis'eduze nezikude, kutatela ngalé nomhlaba kugcine ngalapayá nawo", ungavumi, ungalaleli, iso lako lingahaukeli, funa uf'uhaulwa yilowo umzibe, qabo, wombulala konamanje, kube esako isandhla esiqal' ukumbamba, ab'es'ebanjwa abantu bonke. Akapohlozwe ngamatshe, afe, ngoba waete, uzokufulatelisa inKosi uNkulunkulu wako . . . yikona uIsrael wonke eyakuzwa, 'esabe, angab'es'enza okufana naloko. Nalapo usuk' uzwa kwelinye idolobo lakwini, inKosi uNkulunkulu wako eyaite an'ake kulo, uzwe kona abanye beti: "Kusuke pakati kwenu abafo baka'Belial* (abaka'satana), *b'onisa ab'ake kulelo 'dolobo beti: Asihambe, sikonze abanye onkulunkulu eningab'aziyo", wotitinya utitinyisise ungakatali; awot' uma ufumanise isiminya sendaba, ufumane okwatshiwo kuy'into ekona, ukuti pela amanyala lawo agilwa ngempela, wogenca konamanje ab'ake kulelo 'dolobo ngesinkemba esibukali, ubacite, ucite nako konke okukulo, ngitsho nenkomo, nempahla nje woyibuta, ibekwe ezitaladini, itshiswe-ke kanye nedolobo labo, yikona uyaucita konke ucitel' inKosi uNkulunkulu wako, kusale sekuy'imvitimviti kuze kube pakade. Lingabe lis'akiwa futi, futi kungasali 'luto lwezinto lezo eziqalekisiweyo ezandhleni zako . . .*[1])

455. Isono sekolwa elikonza amadhlozi singakanani na?

Isono sekolwa elikonza amadhlozi sikulu, siy'esabeka kakulu kuneseqaba nje, loku ikolwa elinjé lilahla ukukolwa, lihlubuka ku'Nkulunkulu selimazi nokumazi, libuye likonze usatana noko.

Njengokutsho kwoMoya ocw. neqaba lingezihlanguze liti, alimazi uNkulunkulu[2]) (*number* 448). Po-ke, ikolwa lizihlanguze kanjani, loku limazi uNkulunkulu, l'azi ukuti amadhlozi al'ize leze, l'azi ukuti okonza wona uyamkonza usatana uqobo, na? Futi, ukubatshatizwa kwalo, labatshatizwa ngokuba latembisa, songati lafunga, lati: Mina 'Bani ngiyamala usatana, ngiyay'ala nemisebenzi yake yonke; lati: Ngiyakolwa ku'Nkulunkulu uYise *umNini 'mandhla onke,* naku'Jesu 'Kristo inDodana yake eyodwa . . ., naku'Moya ocw. . . .

[1]) 5. Mos. 13,6-17.—[2]) Rom. 1,20.

456. Ukukonza amadhlozi, ikolwa liyawakonza uma l'enzani na?

Ukukonza amadhlozi, ikolwa liyawakonza uma liwakolwa, liwatemba, liw'esaba enhliziyweni, nalapo liveza loku ngomlomo nangezenzo zalo.

Ukukonza amadhlozi, ikolwa liy'ona,

1. uma likolwa ukuti amadhlozi ayabuyiseka nokuti anamandhla okusiza abantu bakubo.—Liy'ona,

2. uma livumela amaqaba ukuti 'enza kahle, uma ekonza amadhlozi.—Liy'ona,

3. uma litemba amadhlozi, ikakulu la l'ehlelwe ukuhlupeka noma yikupi. Kulapo-ke la ikolwa livivinyeka kona, lifundwe noma liyilo ikolwa ngempela ngokuba litemba uNkulunkulu yena yedwa namandhla adaliwe uye wona odwa, noma lisel'iqaba yini pezu kwokukolwa nokubatshatizwa kwalo.—Liy'ona,

4. uma likolwa ukuti amaqaba ayasizwa ngempela ng'amadhlozi, ikakulu uma ukuhlupeka kwas'emzini otize wamaqaba kupela *ngoba* umnikazi'muzi ebonge amadhlozi. Ikolwa liy'ona, uma likolwa namanye nje amanga onke ahlangene naloku, anjengokuti: ukuhlupeka kwas'emzini akupelanga nje, ngoba inkomo eyabonga ib'inge'mbala wokuti, kumbe ngoba idhlozi limukiswe emzini ngelumbo lokuti, lingakabuyiswa ngobulau obumhlope, kumbe ngoba amadhlozi esatukutele, kumbe ngasip' isisusa.—Liy'ona,

5. uma libongisa abakubo abang'amaqaba.—Liy'ona,

6. uma livumela abakubo abang'amaqaba ukuba balibongele.—Liy'ona,

7. uma lidhla inyama ebongile *ngoba* ibongile, noma lipuza utshwala obubongile *ngoba* bubongile, nakona kubandwa mhlaumbe ngokuti "kwenziwa *ukisimusi* nje."

(a) Odhla, opuza okubongile *ngoba* kubongile uy'ona nokwona.

(b) Odhle inyama ebongile, opuze utshwala obubongile eng'azi ukuti kubongile, kus'obala ukuti ak'onanga.

(c) Indaba yodhla inyama ebongile, opuza utshwala obubongile, 'azi ukuti kubongile, i'mbili:

(1) Ozidhlela, ozipuzela loku njengoba kuy'inyama nje, kung'utshwala nje, futi engakubekisi 'muntu, ngoba abamaziyo, abambona, abamuzwa bayamazi ukuti uyakudhla, uyakupuza loku nje ngoba kuy'into elungel' ukudhliwa nelungel' ukupuzwa kupela, ak'oni lowo.

(2) Okubekisa ngaloku abanye, noma beng'amaqaba noma

beng'amakolwa, uy'ona ngokukubekisa kwake. Ngobapela iqaba lingati: O! ukubonga kwetu senza kahle, loku nant' ikolwa lisivumela ngokudhla inyama ebongile notshwala obubongile. Nekolwa lingati: Kanti akunani, noma ikolwa libongisa amaqaba, kumbe lisuke liti-ni nani. Iyo indaba uPaulus oew. ayikuluma, eti: *E! Ukudhla lezo 'zinto ezibongile onkulunkulu* (amadhlozi), *siy'azi belu ukuti unkulunkulu aka'luto emhlabeni* (ukuti idhlozi ali-'luto emhlabeni), *nokuti kamuko 'Nkulunkulu ngapandhle kwamunye. Ngobapela, nakuba kukona okutiwa ng'aonkulunkulu noma ezulwini noma emhlabeni—njengoba bebaningi onkulunkulu namakosi emaningi—, noko kitina kukona munye nje uNkulunkulu uYise, okwenziwe uye konke, nati s'enziwe uye, s'enzelwe Yena futi; futi kitina kukona inye nje inKosi, uJesu 'Kristo, okwenziwe ngayo konke, nati s'enziwe ngayo. Kanti akuso bonke abanokwazi. Qa, abanye, njengoba besacabanga okwakukade kucatshangwa ngaonkulunkulu, badhla okubongile ngoba kubongile, nempela-ke ukuz'azela kwabo, njengoba ku-'butakataka, kuyanindeka. Ke, ukudhla akwenzi ukuba sibe bahle ku'Nkulunkulu. Ngoba, noma sisuka sidhla* (okubongile, ngoba sekuy'inyama nje kitina, njengaloku sinokwazi), *asiyikudhlula 'muntu* (ongadhli okubongile); *noma singadhli* (okubongile), *asiyikudhlulwa 'muntu* (odhla okubongile). *Kanti nans' into enganiyixwaya: ukukubekisa o'butakataka ngokuz'enzela kwenu. Ngoba, uma umuntu ekubona wena onokwazi ucambalalele ukudhla endhlini yaonkulunkulu* (lapo kubongwa kona amadhlozi), *ukuz'azela kwake, njengoba ku'butakataka, akuyikuqutshwa yini, aze adhle naye okubongile na* ('enze-ke isono, ngoba ngokwake ukwazi oku'butakataka kuyiso)? *E! Abube-ke o'butakataka ebujiswa ngokwazi onako wena, kububе belu umzalwane, uKristo amfele! Ke, ukuba kanjalo n'ona abazalwane ngokusanganisa ukuz'azela kwabo, niyamona noKristo. Ngako-ke uma ukudhla kutand' ukukubekisa umzalwane wami, angiyikuyidhla inyama* (ebongile) *napakade, funa ngikubekise umzalwane wami.*» *)—Liy'ona,

8. uma likolwa ukuti lona liguliswa amadhlozi kumbe ukuti uBanibani uguliswa yiwo.

(a) Ukuguliswa usatana kumbe idemone elitize sekwakonjwa ku'*number* 442, kuyaubuya kukulunywe.

(b) Ukuguliswa amadhlozi ngenxa yendaba yokulotsholwa nokwendiswa kumbe ngasip' isisusa esinjé, kuy'into engeko.

(c) Ukuguliswa amadhlozi, yikona lowo 'Bani ogulayo eya-

*) 1. Kor. 8, 4-13.

kutwasa abe y'isangoma, kuyaukulunywa pambili.—Liy'ona, 9. uma libonga amadhlozi.

Ngako-ke, 'bangane bami abakulu, balekelani inkonzo yaonkulunkulu (eyamadhlozi)*!* [1]) »*Kan'azi yini konje ukuti abangalungile kabayikuwudhl' ifa umbuso wezulu na? Ningapambeki bo! Akuso izifebe, akuso abakonza aonkulunkulu* (akuso abakonza amadhlozi) . . . . *abayakuwudhl' ifa umbuso wezulu.*«[2]) »*Abany'amagwala . . . . nabakonza aonkulunkulu* (abakonza amadhlozi) . . . *indawo yabo y'isiziba esivuta umlilo nesibabule.* [3]) »*Ngapandhle* (esihogweni) *kukona abay'izinja nabatakati nezangoma nezifebe nababulali nabakonza aonkulunkulu* (amadhlozi) *nabo bonke abatanda amanga nab'enza okunjalo.*«[4]) »*Bantwanyana, xwayani nixwaye onkulunkulu* (xwayani nixwaye amadhlozi)*!*«[5])

457. Ikolwa elibuyelwa inhliziyo yokutemba amadhlozi alikumbule ukuti-ni na?

Ikolwa elibuyelwa inhliziyo yokutemba amadhlozi alikumbule ukuti, alisweli amadhlozi el'ize nje, alisweli nosatana, ngoba selimazi uNkulunkulu ong'uye, umNini'mandhla onke, seling'umntanake ngexotsho elicwebisayo, lingatola-ke kuye yonke into eliyiswelayo.

Numbers 31, 94, 97, 98.

458. Ikolwa elibuyelwa inhliziyo yokubonga amadhlozi alikumbule ukuti-ni na?

Ikolwa elibuyelwa inhliziyo yokubonga amadhlozi alikumbule ukuti ngemissa eliy'ingcwele linesu lokubonga uNkulunkulu ong'uye nelokudhla nokupuza inyama ebongile negazi elibongile.

Le'ndaba iyaukulunywa esahlukweni seSakramente lokubonga okutiwa elas'elatini. Lapa singati nje:—Esikubongayo tin' amakolwa, akuso amadhlozi nosatana, ng'uNkulunkulu ong'uye, umNini'mandhla onke. Esibonga ngako, akuso inyama yenkomo neyembuzi notshwala nani, kuy'inyama negazi lenDodana ka'Nkulunkulu okubongayo. Ukudhla kwetu okubongile, kuyiyo inyama yayo negazi layo. Kuyabonakala-ke ukuti, noma s'ehlelwa ukuhlupeka kuni noma umhlola muni, noma sidinga, siswela 'nto-ni, eyokwomhlaba neyokwomzimba neyokwompefumulo:—yonke into noma iyipi, singayizamela, la sibonga emisseni nalapo sesidhla

[1]) 1. Kor. 10,14.—[2]) 1. Kor. 6, 9-10.—[3]) Amb. 21,8.—[4]) Amb. 22,15.—[5]) 1. Joh. 5,21.

okubongile kona ngekomunione eliy'ingcw. Ke, nengane ingabona ukuti, uma s'ahluleka ukutola into esiyizamela lapo, sekung'ukwahluleka nya.

Ol'ikolwa akahlale ekumbula okutshoyo uMoya ocw. ngomlomo ka'Paulus ocw., eti: *Ngako-ke, 'bangane bami abakulu, balekelani inkonzo yaonkulunkulu* (eyamadhlozi)*! Ngiyakuluma kinina njengoba nani seniyaqonda nje; zinqumeleni nina engikutshoyo* (noma nginamanga yini). *Isitsha saleyo'nto ebongayo, esibonga ngayo, akuso yini ukuhlanganiswa negazi lika'Kristo na? Nesinkwa esisihlepulayo, akuso ukuhlanganiswa nomzimba wenKosi yini na? loku tina esibaningi siy'isinkwa sinye, sing'umzimba munye, sonke tina esihlangene ekudhleni isinkwa sinye lesi. Ake nibeke abakwa'Israel abayibo ngenyama* (ngokuba bey'inzalo ka'Israel; amakolwa nawo, kutiwa, ng'abakwa-'Israel, ayibo kodwa ngomoya), *angiti labo* ('bantu bakwa'Israel) *abadhla okubongile bahlangene nelati na? Po-ke? Ngiyatsho yini, ngiti, okubongile onkulunkulu* (amadhlozi) *kul'uto na? kumbe unkulunkulu ul'uto* (idhlozi lil'uto) *na? Qabo, ngiti: loko, amaqaba akuhlabayo ayakuhlabela imimoya emibi, ai uNkulunkulu. Ke, kangifuni ukuba nina nihlanganiswe nemimoya emibi: akwenzeki ukuba nipuze isitsha senKosi* (igazi lika-'Jesu) *nesitsha semimoya emibi* (utshwala obubongile); *futi akwenzeki ukuba nihlangane ekudhleni isidhlo senKosi nas'ekudhleni isidhlo semimoya emibi* (inyama ebongile). *)

2.

Abatakati.

Abatakati ba'nhlobo'ntatu:

1. Abatakati ababulala nyamandhla abanawo njengoba beng'abantu. Umtakati onjalo angabulala umuntu ngomkonto, ngesibamu, ngesinkemba, ngewisa nanga'nto-ni enjalo. Futi angabulala umuntu ngokumdhlisa nangokumbemisa ngobuti obung'ubuti, njengoba nomtakati womlungu angabulala umuntu ngokumdhlisa ngotshevu, nanjengoba inyoka ingabulala umuntu ngesihlungu sayo. Ukuti-ke abatakati abanjalo bay'into ekona emhlabeni wonke nje, kuy'into eng'umdwamba.

2. Abatakati abangeyibo. Ukuba wena 'Bani wazi nokwazi ukuti aubulali 'muntu, ub'us'unukwa noko, kutiwe, wena ubulele uBani ngemfene oyifuyile, wena-ke wazi nokwazi ukuti y'into engeko leyo ngoba auna'mfene, kuyabonakala ukuti us'ung'umtakati uma kutsho abantu; kodwa ngokwempela ausiye, loku bekunembekezele ngento engeko. Yilolu 'hlobo lwabatakati, okutiwa

*) 1. Kor. 10,14-21.

bayibo, bengeyibo, esizaukuluma ngalo kakulu lapa.

3. Abatakati ababulala ngamandhla avela ku'satana namademone. Le'nto ingaba kona. Futi ngezinye izikati ikona ngempela. Ukuvama, aivami ukuba kona.

459. Uma kutsho abantu, ukufa nokuhlupeka kubangwa ubani na?

Uma kutsho abantu, ukufa nokuhlupeka kubangwa amadhlozi; iningi lako kodwa kubangwa abatakati.

1. Ukufa:—Ekuboneni kwabantu ng'umuntu os'egugile impela onga"fi", kutiwe, uya"goduka".—Izifo okutiwa ziya"zivelela" nje ziy'ingcozane impela. Po-ke, ukuvela kwazo, zivela-pi na? Izifo ezitize, kutiwa, ziyabangwa amadhlozi; kaziziningi kodwa. Iningi lazo kutiwa, zibangwa abatakati. Bona-ke, ekuboneni kwabantu, ba'nhlobo'mbili:

(a) abadhlisa nababemisa ngobuti obung'ubuti; aike, njengoba kade sitsho, bona bay'into ekona;

(b) ababulala ngabakwaziyo bona; yibo esizaukuluma ngabo lapa.

2. Ukuhlupeka:—okunjeng' ukungatoli inzalo, ukwonakala kwayo, ukwonakala kwempahla, ukwonakala kwokudhla emasimini, ukutukutelelwa nokufulatelwa amadhlozi, nokuvelelwa "umhlola" muni. Aike, nalapa kunjalo: Ekuboneni kwabantu ukuhlupeka oku"zivelelayo" kuy'ingcozane nje. Ukuhlupeka okutize, kutiwa, kubangwa amadhlozi etukutele. Iningi lako kubangwa abatakati, bengatakati ngobuti, betakata ngabakwaziyo bona, uma kutsho abantu njalo.

460. Uma kutsho abantu, abatakati batakata ngani na?

Uma kutsho abantu, abatakati batakata ngezilwane abazifuyile, ngokukunkula, ngezibango, ngemibulelo, ngezintelo, nangamalumbo mapi.

Umtakati, kutiwa, angafuya imfene, ingwe, impaka, amadhlaku, usinga, umkovu, utokolotshe, ixanti, nani nani.

Umtakati, ukukunkula kwake, kutiwa, angamtatela umuntu insila yake, amate ake, inwele zake, isidwedwe sake, umcamo wake, umncono wake, ihlaba (inhlabati, umhlabati).

Umtakati, kutiwa, angabulala ngezibango ezi'nhlobonhlobo.

Umtakati, kutiwa, angabulala ngokubulela (ukubekela, ukudwebela, ukuklwebela); ngokutelela; ngokukafula (ukuqubela ipupo —isibobo); ngokugqabela, ngokubetelela, ngokukomba umuntu ngenjumbane; ngokumqubela izulu kumbe isivunguvungu; nangamalumbo (amaloyo) a'nhlobonhlobo.

Into ekona—**ekuboneni kwabantu akuko 'kufa, akuko 'kuhlupeka okungena'mtakati wako.**

461. Ngokwempela ukufa nokuhlupeka, umuntu ukwehliselwa ubani na?

Ngokwempela ukufa nokuhlupeka, umuntu ukwehliselwa ng'uNkulunkulu.

Ukuti: **Ukufa nokuhlupeka kuvele ngesono sokuqala,** sekw'ezwakala ku'*numbers* 86 & 87.

Ukuti: **Sonke isintu, ngokuba satola isono sakuqala, sinomteto wokufa nokuhlupeka.** kw'ezwakala ku'*number* 88 ekugcineni.

Ukuti: **Umhlaba wonke upansi kwomteto wesiqalekiso ngenxa yesono sabantu,** kw'ezwakala ku'*number* 90.

462. UNkulunkulu angasuswa y'ini futi ukuba as'ehlisele ukuhlupeka nokufa na?

UNkulunkulu angasuswa naizono esiz'enzela zona, ukuba as'ehlisele ukuhlupeka nokufa, efun' ukusihlaulisa nokusilungisa.

Naku kutiwa enCwadini ey'ingew.: *'Ung'enzi 'luto olubi, yikona ungayikuvelelwa 'luto olubi. Suka k'okubi, yikona okubi kuzausuka kuwe. . 'Mntanami, ungahlwayeli 'luto olubi endimeni yobubi, yikona ungayikuvuna isikombisa soku*(bi oku) *hlwayele.* [1]) . . . . (okubi konke loko) *kawehliselwe yini kona ngoba washiya inKosi uNkulunkulu wako . . na? Ububi bwako yibo obukuhlaulisayo, nokuhlubuka kwako yiko okukumangalelayo. Wokwazi ubone ukuti kubi, kumuncu kanjani ukuba ushiye inKosi uNkulunkulu wako, nokuba ukuy'esaba akuseko.* [2]) *Ukuhlupeka okukulu kudalelwe bonke abantu. L'ijoka elinzima elipezu kwabaka'Adam, besavela esiswini sika'nina kuze kube l'usuku ab'embelwa ngalo (emhlabatini ong')unina wabo bonke. Ukuzindhla kwabo nokwesaba kwas'ênhliziyweni zabo yiko ukubuza ukuti, yikupi konje okuzauvela na, nokuti, yilupi usuku lwokupela* (olwokufa) *na? Kunjalo k'ohlezi esihlalweni esinqabile* (enkosini) *nak'otojisiwe etelwe ngotuli nangomlota . . .; into ekona: ulaka, ubukwele, ubudhlangudhlangu, ukutengatenga, ukwesaba ukufa, ukutukutela nokuxabana okungapeli, nangenkati yokupumula, kulelwe, ipupo las'ebusuku lisanganisa ingqondo yomuntu. Kuncane ukupumula kwake, songati kakuko nje; ati elele, kufane nelanga lokulinda: 'etuswe y'imibono yenhliziyo yake kuhle kwowasinda empini mhla kwalwiwa. Ati-ke esindile, aruke, amangale, loku 'etuswe into engeko.*

[1]) Sir. 7,1-3.—[2]) Jer. 2,17. 19.

Kunjalo kuyo yonke inyama, noma ng'umuntu noma y'isilwane; izoni kodwa z'elakanyiselwe ka'nkota. Pezu kwaloku kuvele ukufa, nokucita igazi, impi nesinkemba, ukudhliwa, indhlala, ukuhluseka, nosizi; yibo ababi abadalelwe konke loku; ngenxa yabo kwavela uzamcolo. Konke okutatwe emhlabatini kuyaubuyela emhlabatini, njengoba amanzi onke ebuya abuyele olwandhle.» [1])

463. Ukwehlisela umuntu ukuhlupeka, uNkulunkulu wenzelani futi na?

Ukwehlisela umuntu ukuhlupeka, uNkulunkulu wenzela futi ukumvivinya.

Amvivinye, amfunde ukuti angalungela yini ukufakwa ezulwini, mhla ebizwa amuke emhlabeni lo. «*InKosi, uNkulunkulu wenu, iyanivivinya, yikona kuyauhlaluka ukuti, konje niyayitanda na, aniyitandi na.*» [2]) «*Okuningi ukuhlupeka kwehlele abalungileyo; kanti inKosi ib'opule kuko konke loku.*» [3]) «*'Bangane abatandeka kakulu! ningabopambeka nipanjwe umlilo* (ukuhlupeka pela) *enivivinywa ngawo; ningati, n'ehlelwe umhlola, qabo, njengoba nihlupekisa okuka'Kristo, jabulanini, yikona niyakujabula n'esase nangamhla ubukosi bwake buyakuhlaluka.*» [4]) Kungako-ke uJesu wati: «*Uma umuntu etanda ukungilandela, akanqabele ugovana, afukule unqamlezo lwake, ab'es'engilandelake.*» [5]) Wati futi: «*Banenhlanhla abahlutshwa bezingelwa ngenxa yokulunga; ngoba ng'owabo umbuso wezulu. Ninenhlanhla, uma benidumaza, benihlupa, betsho konke okubi ngani beqamba amanga, n'enziwa kambe ngenxa yami.*» [6]) «*Ninenhlanhla nina enibulawa indhlala manje, ngoba niyakusutiswa. Ninenhlanhla nina enikala inyembezi manje, ngoba niyakuhleka. Ninenhlanhla, uma abantu benizonda, benibandhlulula, benituka, bentshinga pansi igama lenu lingati libi, n'enziwa ngenxa yenDodana yomuntu. Tokozani ngalelo 'langa n'esase, ngoba nanku umvuzo wenu umkulu ezulwini.*» [7])

464. Ukwehlisela umuntu ukufa nokuhlupeka, uNkulunkulu ang'enza njani na?

Ukwehlisela umuntu ukuhlupeka nokufa, uNkulunkulu angaz'enzela ngokwake, angadedela nabantu namademone bamhlupe umuntu.

1. Ukufa:—Uye uNkulunkulu omenzile umuntu, uye futi omkwezayo, at'uma engasamkwezi, umuntu apele. Kuyabonakala-

[1]) Sir. 40, 1-11.—[2]) 5. Mos. 13,3.—[3]) Hlab. 33,20.—[4]) 1. Pet. 4, 12-13.—[5]) Matth. 16,24.—[6]) Matth. 5, 10-11.—[7]) Luk. 6, 21-23.

ke ukuti umuntu uy'impahla ka'Nkulunkulu. Ke, uNkulunkulu eng'umnini'muntu, *angambulala,* ambulale *ngesikati* asibonayo yena, ambulale *ngendhlela* ayibonayo yena.

Izindhlela ziningi:

(a) Imvelo yomuntu, ukuzalwa kwake, angaba nentwana emzimbeni wake ey'onakele; yona-ke imgulise, aze afe ngelinye ilanga.—UNkulunkulu angatuma isifo esitatelwanayo, siqede abantu abaninginingi.—Angatanda ukuba umuntu avelelwe nasipi isifo.—Angatanda ukuba umuntu alimale: awe, 'apuke, awiswe ihashi, azunywe ukufa ehamba ngesitimela, ehamba ngomkumbi, alunywe inyoka, adhliwe isilwane sas'endhle, amuke namanzi, atshaywe izulu nani nani.

(b) UNkulunkulu angadedela umuntu abulale umuntu: ngomkonto, ngesibamu, nangani, ngokumdhlisa ngobuti obung'ubuti nangotshevu.

(c) Angadedela usatana namademone agulise umuntu (T. d. 30.)—kepa aku'nto yemihla ngemihla.—Angadedela futi umuntu omubi asizwe usatana kumbe amademone, la efun' ukuhlupa nokubulala umuntu—nako aku'nto yemihla ngemihla.

Ukuti ikolwa ling'enza njani, la kuyiloko, kufumaniseka lapo kuyakukulunywa kona ngamandhla okuyala amademone.

2. *Ukuhlupeka:*—Yonke into umuntu anayo, noma kuy'inkomo noma 'mpahla-ni, noma kung'ukudhla noma imali noma 'ntoni, kuy'into edaliwe uNkulunkulu, kuy'into ekona ngoba isakweziwe uye. Angayibulala-ke yonke into enjalo.

(a) Impahla:—Ukuzalwa kwayo, ingaba nentwana emzimbeni wayo ey'onakele, iyigulise ize ife-ke.—UNkulunkulu angatuma isifo esitatelwanayo, siqede-ke impahla.—Angatanda ukuba impahla ilimale, yapuke nje, yenze njani.

(b) Ukudhla:—Ng'uye uNkulunkulu odalile umhlabati, nelanga, nemvula, nembeu yokudhla; ng'uye ot'uma engakukwezi konke loku, engakukwezeli amandhla ako, kwonakale, kupele. Ke, njengoba konke loku kupetwe uye, angatanda ukuba ukudhla, akulimile umuntu, kuvume, kumile, kuvutwe. Angatanda ukuba kungavumi, kungamili. Noma kumila, kuvutwe, angatanda ukuba kwonakaliswe izilokazana njengesihlava nani, noma isiqoto na-'nto-ni.

Angadedela usatana namademone ukuba asebenze emkatini, njengoba usatana kutiwa, ung'*umbusi wamandhla omoya lo* (awomkati lo).*) (Ukuti ngenxa yaloku izulu ligonywa ehlobo, kufumaniseka lapo kuyakukulunywa kona ngokugoma kwabapriste.)

*) Ef. 2,2.

(c) Imali nemisebenzi yonke:— «*Uma kunge y'inKosi ey'aku indhlu, basebenzela ilize abay'akayo; uma kunye y'inKosi elonda umuzi, ulindel' ilize owulondayo.*[1]) «*InKosi yiyo ey'enz' ukuba umuntu abe mpofu, abe y'isicebi; yiyo emfojisayo, yiyo empakamisayo.*»[2])

465. Njengoba ng'uNkulunkulu opete umuntu nako konke anako, ngaenza njani umuntu na?

Njengoba ng'uNkulunkulu opete umuntu nako konke anako, umuntu ngaemesaba, ngaemetemba yena yedwa zwi.

Kuyabonakala ukuti ng'uye uNkulunkulu opete zonke izingelosi, ezas'ezulwini nezas'esihogweni, nosatana uqobo, loku naye ey'inja yake nje; ng'uye opete bonke abantu, abahle nababi: ng'uye opete nako konke okukona. Ngako-ke tin' abantu singesizwe ingelosi enhle nembi, singesizwe 'muntu omuhle nomubi, singesizwe 'luto nje, kungatandi uNkulunkulu. Futi sing'oniwe, singetintwe nayip' ingelosi embi, namup' umuntu omubi, nalup' uto olubi, kungatandi, kungadedeli uNkulunkulu. «*Njengoba ibumba lombumbi lis'esandhleni sake, ezaulibumba, alisebenze, ngoba zonke izindhlela zalo zis'ekuboneni kwake, unjalo umuntu esandhleni sowamenzayo* (umEnzi wake), *ampate, amenanisele ngokubona kwake.*»[3])

Ke, ongatemba ukuti angahlahlameliswa ng'uNkulunkulu, ng'ubá? «*O'zandhla zingena'cala, o'nhliziyo imhlope, o'kupatu kwake umpefumulo wake engawupatel' ilize, ongafukazeli umakelwane wake amanga: uye oyaufumana inhlanhla enKosini, afumane umhau ku'Nkulunkulu, umsindisi wake.*»[4]) «*Ukuhlahlamelisa kwenKosi kubeke ikanda lolungileyo.*[5]) «*Kanjalo abang'amakolwa bayahlahlameliswa kanye noAbraham owaekolwa.*»[6])

Ongalungile akabuyele ku'Nkulunkulu wake, axolelane naye, yikona naye ezakwaz' ukutemba futi ku'Nkulunkulu.

466. Njengaloko konke kupetwe uNkulunkulu, abati, ukufa nokuhlupeka konke nje kus'emandhleni abatakati, bay'ona na?

Yebo, njengaloko konke kupetwe uNkulunkulu, abati, ukufa nokuhlupeka konke nje kus'emandhleni abatakati, bay'ona kakulu.

467. Abatsho njalo bay'ona kakulu ngani na?

Abatsho njalo bay'ona kakulu, ngoba njengokwabo bama-

[1]) Hlab. 126,1.—[2]) 1. Kos. 2,7.—[3]) Sir. 33, 13-14.—[4]) Hlab. 23, 4-5.—[5]) Ag. 10,6.—[6]) Gal. 3,9.

muka uNkulunkulu amandhla akuye yedwa, beti, ng'awabatakati.

Njengaloko kwona abati, amadhlozi anamandhla okuti nokuti, engenawo, loku ng'aka'Nkulunkulu yedwa, kanjalo bay'ona abati, indaba yokupila nokufa, neyenhlanhla nokuhlupeka ipetwe abatakati, inganti ng'uNkulunkulu yedwa opete ukupila nokufa, inhlanhla nokuhlupeka, loku nomtakati ong'uye, obulala ngomkonto belu nangobuti, angetinte 'muntu, uNkulunkulu engamdedelanga.

Futi, njengoba kunge amadhlozi (abantu abafileyo) adalile konke okukona, kungeyiwona futi akukwezayo, kanjalo akuso abatakati (abantu abasekona) abadalile, abakwezayo konke okukona. Bengeyibo, abasibo abaninikonke. Kuyabonakala-ke ukuti nokubulala nokwonakalisa, bangebulale, bang'onakalise 'luto, umNinikonke ong'uye, uNkulunkulu pela, engabadedeli.

468. Abatsho njalo bay'ona nangani futi na?

Abatsho njalo bay'ona nangoba, bekolwa ukuti amandhla angeko akona, bayampika uNkulunkulu umNini 'mandhla **onke.**

1. Abakolwa amandhla angeko,

(a) yibo abati, umtakati angabulala **ngesilwane.**

Ngengqondo nangakwambulile uNkulunkulu kwaziwa nokwaziwa ukuti akuko 'silwane, uNkulunkulu asidalele ingqondo, noma kuy'*imfene* noma *ingwe* noma *impaka* noma isilwane sini, lokupela imfene y'imfene, ai'muntu; ingwe y'ingwe, ai'muntu; impaka y'impaka (**uma** kuy'into ekona), ai'muntu; njengoba neselesele l'iselesele, nenja y'inja, **nomuntu ng'umuntu.**

Osuk' eti, qa kambe, akuko 'silwane esinengqondo enjenganayo umuntu, kodwa umuntu uyasipa yona *ngokusiluta,* unamanga ohlobo. Ngobapela, into yokuqala, noma umuntu esuka 'enz' umlingo muni, angeke aguqule umteto wobulwane odaliwe uNkulunkulu. Into yesibili, la isilwane silutiwe noma umlungu*) noma umuntu, siumluta, siy'isilima. Kanti okuumluta kuyiwo ngoba kunengqondo yini na?

Futi, uNkulunkulu kadalelanga nasip' isilwane amandhla okubulala lapo sifika kona, sibulale *ngokufika kodwa nje.* Futi-ke, akuko 'silwane uNkulunkulu asidalele amandhla okuba siti *silete imiti yomtakati* emzini, sibulale ngayo, kumbe sibulale *ngokukweba* noma *ngokupepeta* noma ngani.

Ke, *uNkulunkulu* engadalele izilwane amandhla anjalo, *usatana* engedale, *nomuntu* okutiwa ng'umtakati engedale, kus'obala ukuti

*) Yiko okubizwa esiNgisini ngokuti *hypnotise.*

ng'amandhla angeko. «*Baba y'izipukupuku, ukucabanga kwabo*», kutsho uPaulus ocw.*)

Ixanti, uma kutiwa, liy'inyoka efuyiwe umtakati, lindawonye nensumansumane yemfene nezilwane okutiwa zifuyiwe umtakati. —Uma kutiwa, liyagana, liyaganwa, kuy'insumansumane endawonye nezinye izinto zonke lezo ezingeko, abantu abay'izilima abati, zikona.—Uma kutiwa, liy'isisoka, liy'intando, lindawonye nemiti yokutandisa.—Abakolwa amandhla angeko,

(b) yibo abati, umtakati angabulala **ngomkovu.**

Umkovu (umluto, isidwabakazana, imfakabili, umfutshane, umatingana), *uma kutsho abantu,* ng'umuntu ofileyo, owabuya wavuswa ng'umtakati, ab'es'eba ngangendojeyana, ukukuluma kwake atshwatshwaze, ukuhamba kwake 'ezwakale ngokukwahlazela kwake. Ke, umtakati angavusa umuntu ofileyo yini na?

Ng'uNkulunkulu yedwa zwi onamandhla okudala umuntu, amdale ngokuhlanganisa umzimba nompefumulo. Ng'uye owaqamba umteto wokufa, kwahlukane pela umzimba nompefumulo. Ng'uye yedwa ongahlanganisa futi umzimba nompefumulo, kubuye kube ng'umuntu (*numbers* 220-223).

Sesizwile ku'*number* 452,2 ukuti, abantu bay'ahluleka nosatana uy'ahluleka ukubuyisa umuntu ofileyo. Njengoba-ke b'ahluleka ukubuyisa umpefumulo nje, kakulu kangakanani kwahluleka wonk' uBani, ingelosi nomuntu, olungile nongalungile, ukuhlanganisa futi umzimba nompefumulo!

Lingati-ke ihlakani, qa, uNkulunkulu angawanika umuntu amandhla okuvusa umuntu ofileyo. Yebo kambe, iziCwetshiswa ezitile zanikwa amandhla anjalo. Kanti umtakati angeke awanikwe, loku uNkulunkulu engeqinisele amanga obuqaba.

E! Umtakati yena ngokwake uy'ahluleka, nosatana wahlulekile. Ngako-ke indaba yomkovu y'insumansumane yabantu. «*Baba y'izipukupuku, ukucabanga kwabo*», kutsho uPaulus ocw.*)

Uma kutiwa, umkovu ung'umuntumfene, ngoba ey'inzalo yomuntu nemfene, kuy'into engeko kakade, loku kungevele 'luto lapo.—Aike, ukuba nga—siyalinganisa nje—ngelinye ilanga kufakazwa ngempela ukuti indoda ey'indoda ibone *ngempela* into efana nomkovu, ingesiye umuntu osekona nje engakafi, kungatiwa-ni? Kungatiwa, mhlaumbe uNkulunkulu udedele usatana (kumbe elinye nje idemone) abonakale ngesimo sendojeyana enjé. Pela, kasitsho ukuti y'into eyenzekile ngempela; kodwa siy'azi ukuti ingelosi enhle nembi ingabonakala ngesimo somuntu (T. d. 79). (Ukuti ngakwenziwa njani, uma bekukona into enjalo, kufumaniseka esahlukweni sokuti: «Ukwahlula amandhla ka'satana namademone».)

*) Rom. 1,21.

Indaba **yosinga**, njengoba ilandwa abantu abamnyama, ifana nganxanye neyomkovu, ngoba kutiwa, usinga lwenyoka efileyo, la lupotiwe, lulunjiwe, luyakwaz' ukupenduka futi inyoka, kube inyoka ezwayo, ekwaz' ukubulala umuntu. Njengaloko umuntu 'ahluleka ukuvusa umuntu ofileyo, kakulu kangakanani uy'ahluleka ukuvusa isilwane esifileyo, loku, ukupela kwesilwane, kupela noqobo lwaso (*number* 78).—Abakolwa amandhla angeko,

(c) yibo abati, abatakati bayatakata **ngotokolotshe.**

Utokolotshe abamutshoyo abantu, y'into efana nganxanye nomuntu, nganxanye nesilwane, ehlala emanzini. Ke, uNkulunkulu akadalanga isilwane esinjalo. Ngako-ke okutiwa utokolotshe kuy'into engeko.

Kodwa umsebenzi okutiwa usetshenzwa ng'utokolotshe ungaba into ekona. Ngobapela ukwetuka kujikijelwa ngezinto ezitize (izitsha, amagabade, amahleza, udaka, amatshe, nani nani), kungabonakali ojikijelayo, kufakazekile futi ukuti akwenziwa isigilamkuba esikohlisa nje abantu, kuy'into ekona emhlabeni. La ikona, kwazis' ukuti kusebenza amandhla adhlula awomuntu, amabi futi, ngoba uNkulunkulu nezingelosi ezinhle kabagili imikuba enjé. Kodwa, ukubulala, akubulawa 'muntu ngomhlola onjé. (Isahlukwana sokuti: «Ukwahlula amandhla ka'satana namademone»)—Abakolwa amandhla angeko,

(d) yibo abati, abatakati bayabulala **ngokukunkula** kwabo.

Ukukunkula, uma kutsho abantu, umtakati utatela umuntu into yake (*number* 460), ayitake ngemiti yake, ab'es'efa otatelwe.

Ke, insila yomuntu namanyala ake nomhlabati wetuna lakubo, uNkulunkulu wakudalela nini amandhla okubulala umuntu na?

Futi, ukuba into yomuntu is'itakiwe ngemiti yomtakati, ihlale-ke, ingangeni pakati ku'muntu, noma ngomlomo noma ngamakala noma ngayip' indhlela, ingambulala umuntu kanjani, loku nobuti obung'ubuti bungembulale buhlezi nje, bungangenisiwe ku'muntu pakati? Futi ng'ubá odale amandhla asuka ensileni yomuntu, agijime, aze afike kulowo 'Bani otatelwe, ati-ke esagijima angatinti 'muntu, angaduki 'ndawo; ati-ke es'efikile kubo, ayeke bonke abanye, abulale yena otatelwe kupela na? Po-ke, uNkulunkulu engadalanga onke amandhla anjalo, umtakati, eng'umuntu nje, engedale, usatana engedale futi, kuyabonakala ukuti ng'amandhla angeko.

Nas' isaga esidala siti: «Usatana uyazikolisa izigqila zake.» Nembala abantu abamnyama, kabakolisile yini, ebapamba kanjenje, baze b'esabe nesidwejwana sabo, nomhlabatshana wetuna lowakubo, nensila yabo, nomncono wabo, b'esabe pela amanyala abo angapateki ezandhleni nas'emlonyeni womuntu osileyo! Ai,

qa, kabafojisile ku'bantu bonke nje abanengqondo, noma beng'abalungu noma bemnyama noma benjani! «*Baba y'izipukupuku, ukucabanga kwabo; nenhliziyo yabo ey'isilima yahlwelwa; bati kambe bay'izazi, kanti nampa bey'iziula!*», kutsho uPaulus ocw.*)—Abakolwa amandhla angeko,

(e) yibo abati, abatakati bayabulala **ngokubulela.**

Ukubulela, uma kutsho abantu, umtakati utata umuti awutakile, okutiwa umbulelo kumbe umeqo, abulele uBanibani ngokumbekela wona. Ukumbekela, adwebe noma aklwebe ngomuti lapo 'azi ukuti lowo 'Bani angadhlula kona. Ati-ke esadweba, ammemeze. Besokuti, uma lowo 'Bani eweqa, afe *yena yedwa*; bonke abanye abaweqayo basimze baweqe nje, bangabi nani.

Uma bekul'iqiniso abakutshoyo abantu, bala, bekuzakuba l'iqiniso futi ukuti lowo 'muti okutiwa ng'umbulelo ung'umuntu uqobo, ube namadhlebe, uzwe ngawo igama lomenyeziwe; ube nengqondo, usale us'uqonda ukuti, uma kuza lowo 'Bani, ngombamba, ngiyeke bonke abanye; ube namehlo, umbone la es'efikile; ube nezandhla, umbambe ngazo; kumbe ube namazinyo, umlume ngawo; kumbe ube nomlomo, ucinse ngawo. Ke, uNkulunkulu wadala nini umuti ot'ung'umuti nje, ube ng'umuntu kanti?—Uma beti, qa, umbulelo ng'ubuti, at' umuntu uma ewuhabula ngamakala, afe. E! Uma bekunjalo, lobo 'buti bebuzauyeka kanjani bonke abanye ababweqayo, bubulale omenyeziwe yedwa na? E! «*Baba y'izipukupuku, ukucabanga kwabo*», kutsho uPaulus ocw.*)—Kuyabonakala ukuti indaba yokubekela umuntu *usinga* ikanye neyokubulela.—Abakolwa amandhla angeko,

(f) yibo abati, abatakati bayabulala **ngokutelela.**

Ukutelela, uma kutsho abantu, nokubulela ng'aba'ndhlini'nye; into nje intelo aiketi; it'ub'itelwe, ibambe wonk' ubani was'emzini otelelwe.—Abakolwa amandhla angeko,

(g) yibo abati, abatakati bayabulala **ngokukafula.**

Ukukafula, uma kutsho abantu, umtakati ut'encinda imiti odengezini ekaya kwake, abambe umkonto, acibe ngawo esacinsa leyo 'miti, acibele belu ngalapo lapo kuhlala kona atand' ukumbulala, emmemeza. Ab'esepupa-ke lowo 'Bani, ab'es'ehlatshwa isibobo.

E! kambe, imiti yonke leyo ayincinda umtakati ekaya kwake, ab'es'ecinsa ngayo, nakuba ib'ing'ubuti, ingambulala kanjani lowo 'Bani, loku ekude nje nakona; amandhla ayo afike kanjani kuye, amfice, aze angene pakati emzimbeni wake na? Nokuciba kwomtakati ngomkonto, eciba ekaya kwake, kumgwaze kanjani, loku

*) Rom. 1, 21.

engeko lapo umtakati eciba kona na? Nokummemeza kumone kanjani bo? UNkulunkulu kadalanga 'mandhla anjalo. E! *Baba y'izipukupuku, ukucabanga kwabo,* kutsho uPaulus ocw.*)

Po, ukupupa kwalowo os'ehlatshwa isibobo? Pela, indaba yamapupo izaukulunywa kusona lesi 'sahluko. Kodwa ab'azi into ekona, bay'azi ukuti isifo esinjengesibobo (uhlabo, ihlaba, amahlaba, ibala) kasina'ndaba nokupupa, nokuti asina'kubangwa 'muntu ngemiti; kuy'isifo esizivelela. — Abakolwa amandhla angeko,

(h) yibo abati, abatakati bayatakata **ngokugqabela, ngokukomba ngomuti onjengenjumbane, nangokubetelela.**

Noma umuntu okutiwa ng'umtakati egqaba umuti ebunzini lake, noma efaka umuti emunweni wake, noma ewutukusa empandazeuleni lé edwaleni, kus'obala ukuti yonke leyo 'miti aifikeli kulowo 'Bani okutiwa umtakati uyamgqabela, uyamkomba, uyambetelela. Isebenze-ke kanjani emzimbeni wake na? Into yesibili, uNkulunkulu kadalanga 'muti wokusebenza umpefumulo nenhliziyo yomuntu, njengoba kuzauzwakala napambili. E! *Baba y'izipukupuku, ukucabanga kwabo* , kutsho uPaulus ocw.*) — Abakolwa amandhla angeko,

(i) yibo abati, abatakati bayabulala **ngokuqubela umuntu izulu kumbe isivunguvungu, noma ngokuqubela amasimu omuntu isiqoto.**

Nampu ubuula bwohlobo. Wonke nje umuntu osileyo, uma esebenzisa ingqondo ayipiwe uNkulunkulu, uyabona nokubona ukuti kamuko 'muntu opete izulu, loku y'inKosi, uNkulunkulu, elipete yona yodwa. Okoko babantu abamnyama babebona into ekona, loku yibo okuvele kubo ukukuluma okunjengokuti: "Iyadhlala inKosi", uma izulu liduma; kut'uma kukona owesabayo, kusuke bona abadala, bati: "Wesaba nje. Udhle-ni yenKosi na?"; kut'uma umuntu etshaywa izulu, kutiwe: "Utatwe inKosi"; nokubuyiswa, angabuyiswa; njengaloko nokwembelwa, ak'embelwa ekaya, nokukalelwa, akakalelwa. Kwazis' ukuti okoko labo bab'azi ukuti izulu lipetwe iyo inKosi epezulu yona yodwa. Uma inzalo yabo is'iti, qa, nezulu lis'emandhleni abatakati, *baba y'izipukupuku, ukucabanga kwabo* , kutsho uPaulus ocw.*) — Abakolwa amandhla angeko,

(k) yibo abati, abatakati bayabulala **ngamalumbo okuti nokuti.**

Singeke siqede lapa zonk' izinhlobonhlobo zamalumbo namaloyo okutiwa abatakati bayakwaz' ukubulala ngawo. Singati nje, okolwa yileyo 'mihlola yobuula, ukolwa amandhla angeko. — Abakolwa amandhla angeko,

(l) yibo futi abati, ukuti nokuti kuy'**isihlabamhlola.**

*) Rom. 1,21.

Singayeka zonke ezinye izihlabamhlola, ezinjengomhlangwe, inja, nani, nani—siti nje: insingizi aku'nyoni yini konje njengezinyoni zonke nje na? Ina'ndaba-ni nezulu lelo na? Ina'ndaba-ni noBanibani okutiwa ung'umtakati na? Ukuba ngisuke ngiyibulale, njengoba ngingabulala nenye nje inyoni, ingang'enza-ni konje, ngife, ngifele-ni? «*Baba y'izipukupuku, ukucabanga kwabo* ,*) kutsho uPaulus ocw.

Osuk' eqonde ukuti *konke* kupetwe uNkulunkulu yena yedwa zwi, ak'azi 'sihlabamhlola, ak'azi na'bika 'lipi. Akwaziyo, uy'azi ukuti konke kus'ezandhleni zika'Nkulunkulu, ukupela. Ngako-ke, nokuya'kubula ngenxa yesihlabamhlola sokuti, akayi; nokubonga, kabongi; nokucela ngêntelezi zabantu, kaceli.

2. *Abakolwa amandhla angeko, bayampika uNkulunkulu, umNini'mandhla onke.* Sesite ku'*number* 468, abanjalo, njengokwabo, bayamamuka uNkulunkulu amandhla akuye yedwa, beti, ng'awabatakati. Manje-ke, njengoba sekuzwakele ukuti amandhla abatakati, esikade sikuluma ngawo, kuamandhla angeko, labo abapikelela noko ukuti ay'into ekona, bapikelele ukuti kukona amandhla angavelile ku'Nkulunkulu. Ke, uma njengokwabo kukona amandhla angavelile ku'Nkulunkulu, Yena kasiye umNinimandhla **onke**, kasiye-ke uNkulunkulu (*number* 35).

469. Abati, ukufa nokuhlupeka kus'emandhleni abatakati, bay'ona nangani futi na?

Abati, ukufa nokuhlupeka kus'emandhleni abatakati, bay'ona nangoba banuka abantu abangena'cala ngokuba benuka abatakati abangeyibo.

Ab'enza njalo bapambana nomteto woku1 ka'Nkulunkulu, njengoba kade sitsho; bapambana nomteto wesi8 ngokuba beqambela umuntu into engeko; bapambana nomteto wesi5 futi ngokuba bat'uma benuke umuntu, bamzonde, bambulale.

«Usatana uyazikolisa izigqila zake.» E! Kwati uma kungakafiki abelungu, angiti kuy'izigidigidi zabantu ababulawa ngoba **kwatiwa.** baabatakati, bengeyibo! Angiti kubulawa namanje abaninginingi ngas'ese ngoba benukiwe! E! Nanamhla angiti abantu abamnyama bahlezi ngovalo, b'azi ukuti banganukwa yonke imihla, bazondwe-ke, babulawe, nakuba bengena'cala la'luto, bez'azele ukuti kabana'mfene, kabakunkuli, kabagili 'mkuba namupi!

Po-ke, umtakati *ong'uye,* obulala belu ngomkonto nangobuti, angenukwe yini na? Pela, umtakati onjalo nenswelaboya nesigebengu nelaita, banomteto wokunukwa kakade, bafunwe, bahlauliswe, loku uNkulunkulu 'enqabe ukuba kubulawe. Kepa,

*) Rom. 1,21.

nans' into ekona! Njengaloko abantu abamnyama, ngokung'azi kwabo, bengaz'azi pela izifo ukuti yizipi eziziveleleyo, nokuti, ukuzivelela kwazo, zivele ngasip' isisusa, bayatemba kaninginingi ukuti ubanibani ubulewe ngobuti, engabulawanga 'muntu. Ngako-ke umuntu ongafun' ukwona, uyaxwaya kakulu, angatshetshi anqume, angatshetshi anuke.

470. Isono sekolwa elisakolwa amandhla abatakati abangeyibo singakanani na?

Isono sekolwa elisakolwa amandhla abatakati abangeyibo sikulu kakulu, siy'esabeka kuneseqaba nje, lokupela, ngokuba lipika uNkulunkulu umNini'mandhla onke, liyahlubuka kuye, liyalahla ukukolwa.

Kuyabonakala ukuti emakolweni zimbili nje izinhlobo zabatakati ez'aziwayo: (1) ababulala ngomkonto nangesibamu nangewisa nangayip' into enjalo; (2) ababulala ngokudhlisa nangokubemisa ngobuti obuyibo, ukupela. Ngoba bonke abanye labo okutiwa bayibo kabasibo, loku amandhla okutiwa basebenza ngawo ey'into engeko (*number* 468). Ngako-ke, nokunuka,

akunukwa emakolweni.

Ngani na? Ngoba abatakati abayibo bangafunwa obala, njengoba noHulumene efuna abatakati abanjalo.

Kukona kambe nohlobo lwesi3 lwabatakati abayibo; yilabo ababasebenza ngamandhla ka'satana. Kodwa, into yokuqala, kabavamile; into yesibili, aku'likolwa elil'ikolwa nje elingabanuka, ngoba indaba yokuti uBanibani ung'umtakati onjalo yini, inganqunywa nje abakulu beBandhla, njengoba kuzauzwakala pambili.

Ke, ukuba amakolwa enukana njengamaqaba, kwazis' ukuti-ni na? Kwazis' ukuti lawo 'makolwa ang'amaqaba, ukupela kwendaba. Ke, umuntu oti ul'ikolwa, esakolwa amandhla abatakati abangeyibo, esakwazi nokunuka, uyateteleleka yini ku'Nkulunkulu na? Akateteleleki, noma ebatshatizwa, noma etetelelwa ng'umpriste izono esakramenteni lempendukiso. Ati-ke uma efun' ukutetelelwa ngokwempela, akipe, acite kuqala ubuqaba lobu, angab'esaba l'iqaba, abe l'ikolwa elivuma uNkulunkulu, umNini'mandhla *onke.*

Nank' amazwana as'enCwadini ey'ingewele apete le'ndaba esikade siyikuluma:— «*Miningi imicabango ekona enhliziyweni yendoda; kepa y'intando ka'Nkulunkulu eyakuma.*» [1]) «*Akuko 'nto eyenzeka emhlabeni ngapandhle kwesisusa, akus'emhlabatini la kuvela kona ukufa.*» [2]) «*Ng'ubá ong'aziyo ukuti konke*

[1]) Ag. 20,24.—[2]) Job 5,6.

loku, y'isandhla senKosi esikwenzile, na? Kus'esandhleni sake, lapo kukona umpefumulo wako konke okupilayo nomoya wenyama yonke eng'umuntu. [1]) *Kukona yini ukuhlupeka okwehlela umuzi, kung'chliswa inKosi na?* [2]) *Konke kuvele kuye uNkulunkulu, kumi ngaye, konke kukuye.* [3]) *Konke ekutandayo inKosi iyakwenza ezulwini nas'emhlabeni, olwandhle nas'ezilonttweni zonke.*» [4]) «*Ukupila kwetu, sipiliswa ng'uye* (uNkulunkulu)*; ukuhamba kwetu, sihanjiswa ng'uye; ukuba sikona nje, sikona ngaye.*» [5]) «*Ung'esabi, loku ngikusindisile, ngakubiza ngegama lako; ung'owami wena: noma usuk'udabula amanzi, ngiyakuba nawe, isikukula singakuzibekeli; noma usuk' udabul' umlilo, auyikutsha, ilangabi lingakudhli.*» [6]) «*Mina, 'nKosi, ngiyatemba kuwe, ngiti: UNkulunkulu wami ng'uwe, indaba yami is'ezandhleni zako.* [7]) «*Ng'ubá ongan'ona, uma nina nizamela ókuhle na?* [8]) «*Y'ambula izindhlela zako enKosini, utembe kuyo, izakwenza nje yona.* [9]) «*Ning'esabi; singahle silwe nentando ka'Nkulunkulu yini na?* [10]) «*Konke ukuxobixobiseka kwenu kuponseni enKosini, loku ininakekele.* [11]) *Siy'azi ukuti abamtandayo uNkulunkulu, konke noma yikupi kuyasebenzisana kusebenzele bona okuhle.*» [12]) UJesu wati ku'Pilatus: *Ub'ungayikuba na'mandhla, uma ungawapiwanga ng'opezulu.*» [13])

3.

Abangoma.

Njengoba abantu ngokupambeka kwabo beti, izihlabamhlola zibika ukuti nokuti, beti futi, yiloko naloko 'kufa nokuhlupeka kubangwa amadhlozi kumbe abatakati, kuyabonakala ukuti baswela abangabuza kubo ukuti, konje loku 'kufa, loku 'kuhlupeka kubangwa y'ini, ng'amadhlozi na, ng'abatakati na; nxa kung'umtakati, ng'umupi na? Baze babuze ukuti, po-ke, njengoba kunjenje, kung'elatshwa ngani na? Futi, la bedukelwe into, babuze kulabo isela, uma likona; babuze nokuti, konje leyo 'nto ipi la ikona na?— Futi, uma kukona into enkulu asebezauyisungula (njengokulwa nani), babuze ukuti, konje siyisungule na, iyopela ngokuti-ni na? — Aike, labo okubuzwa, *okubulwa* pela kubona, kutiwa, bay'izinyanga zokubula, *abangoma* belu.

471. Umngoma, uma kutsho abantu, uy'ini na?

Umngoma uma kutsho abantu, ng'umuntu wokuhumutshela

[1]) Job. 12,9-10.— [2]) Am. 3,6.— [3]) Rom. 11,36.— [4]) Hlab. 134,6.— [5]) Enz. 17,28.— [6]) Is. 43,1-2.— [7]) Hlab. 30,15-16.— [8]) 1. Pet. 3,13.— [9]) Hlab. 36,5.— [10]) 1. Mos. 50,19.— [11]) 1. Pet. 5, 7.— [12]) Rom. 8, 28.— [13]) Joh. 19, 11.

abantu akutshoyo amadhlozi.

Kuyabonakala ukuti uNkulunkulu ong'uye, la watand' ukwazisa abantu okutize, abasuka bengaz'azeli kona ngokwabo nje, waketa abatile bokuhumutshela abantu akutshoyo yena. Yibo belu okutiwa ng'*abaprofete;* e! ng'abangoma baka'Nkulunkulu (*number* 105).

Ke, njengokutsho kwabantu, abangoma ng'abokuhumutshela abantu akutshoyo amadhlozi,

noma (1) ng'abangoma bokuvumisa kumbe bokutshayelwa,

noma (2) ng'abangoma bokuponsa amatambo,

noma (3) ng'abangoma abanemilozi, okutiwa abalozi,

noma (4) ng'amandiki kumbe amandau. Manje-ke, kuyabonakala ukuti amadhlozi wona ngokwawo al'ize (*numbers* 447-452). nokuti abakonza amadhlozi bayakonza ngokwempela usatana namademone (*number* 453). Ngako-ke:

472. Uma emaqabeni kukona umngoma ong'uye ng'umngoma ka'bá?

Uma emaqabeni kukona umngoma ong'uye, ng'umngoma ka'satana.

Pela, njengaloko amadhlozi *eng'abantu* nje abafileyo, ukwazi kwawo ng'ukwazi *kwomuntu* nje. Futi, njengoba wonke umuntu ofileyo esahluliwe ng'umteto wokufuywa ng'uNkulunkulu (*number* 100), kus'obala ukuti angekulume na'muntu walap' emhlabeni, engavunyelwe, engadedelwe uNkulunkulu.

Kepa-ke, usatana namademone, ukwazi kwabo kudhlula kakulu okwabantu (*number* 442). Futi, bangasebenza lapa emhlabeni (*number* 441). Ngako-ke, uma bededelwa uNkulunkulu, bang'azisa umuntu into angay'azi.

473. Bonke okutiwa bay'izangoma, bayizo ngempela na?

Qabo, akuso bonke okutiwa bay'izangoma abayizo ngempela; imvama yabo kabasizo, y'iziputsha nje.

Ukuti kunjalo, kuyabonakala

1. ngokuba ezitshayelwayo *ziyabuliswa.* Ke, ukuba beziz'azela zona, kumbe z'aziswa usatana noma idemone, ngazisimze zitsho nje, zingaswel' ukubuza 'luto ku'bantu ezibavumisayo. Pela, neqaba elingabonaze lizwe 'luto ngokukolwa, uma belisebenzisa ingqondo yalo nje, belizauzibonela kakade ukuti isangoma esiswel' ukuqandeliswa kas'azi 'luto, sifun' ukubuta imali nje ngobuula bwabantu.—Kuyabonakala

2. nangokuba ezokutshaya amatambo nangokutsho kwabantu kazitwasiswa, *zifundiswa nje* njengoba wonk' umuntu angafundi-

swa umsebenzi namupi. Kepa umsebenzi wokuz'azela izinto, umuntu angez'azi ngapandhle kwokwaziswa, aufundiseki. Futi, nazo ziyakwaz' ukugomboloqa nje njengezokutshayelwa.—Kuyabonakala

3. nangoba usatana namademone bey'izinto ezizidhla kakulu, loku isono sabo esikulu yiko ukuzidhla. Njengoba bey'izingelosi, bapakeme kakulu ku'muntu, nakuba bey'izingelosi ez'onile. Kus'obala-ke ukuti kabana'kuz'enza izicaka zayilelo nalelo 'kafuyana elisuka liti liy'isangoma. Futi, akusweleki ukuba usatana namademone bazikataze, basetshenziswe y'izinkulungwane lezo zezangoma, loku kwanele ukuba bapambe nje abantu, baze bakolwe ukuti, ubanibani okutiwa y'isangoma uyiso, engesiso; besebeyobula kuye njengakwesiyiso. E! «Usatana uyazikolisa izigqila zake.»—Kuyabonakala

4. nangokuguliswa ng'amadhlozi. La ubanibani efikelwe isifo esitize, abantu abangas'azi, b'ahluleke pela ukucaza imvelo yaso, sebeti, uguliswa amadhlozi; inganti izifo ezinjalo ziy'izifo eziy'izifo njena, njengaloku odokotela abaqondisisa okuku'muntu bayaz'azi nje zona.—Besekuyiwa esangomeni; sona-ke siti, qa, kuyabonakala ukuti lowo 'Bani uguliswa amadhlozi, ezigulela nje; pela naso ngokung'azi kwaso sitsho into engeko.—Bati-ke abampeteyo lowo 'Bani uma beng'ali, atwasiswe, ahlambuluke-ke, ab'es'eba isangoma, engesiso, lokupela engaguliswanga, wazigulela nje.

Futi, ukuguliswa *amadhlozi* wona ngokwawo y'into engeko nokubako, ngoba ngokwawo akana'mandhla (*number* 450). Ukuguliswa usatana namademone aku'nto yemihla ngemihla. Kodwa noma ededelwa ng'uNkulunkulu agulise umuntu, akungoba umuntu lowo umelwe ukutwasa.

Uqinisile uPaulus ocw., eti: «*Baba y'izipukupuku, ukucabanya kwabo*»,*) lokupela wonk' umuntu osileyo ezibonela ukuti imvama ngempela yezangoma kazisizo, ng'amaqili nje abutiswa imali nempahla ng'ubupukupuku bwabantu.

474. La kubula isangoma esiyiso, konke esikutshoyo kul'iqiniso na?

Qabo, nalapo kubula isangoma esiyiso, imvama yesikutshoyo kuamanga.

Kuyabonakala ngokuba isangoma esiyiso ng'esokuhumutshela abantu akutshoyo usatana kumbe amademone. Akufundwe-ke **okuku'*number* 442, 1.**

Kanjalo, la kubulwa ngenxa yento elahlekile, angatsho iqiniso, yikona abantu bezaukolwa nokukolwa ukuti leso 'sangoma sineqi-

*) Rom. 1,21.

niso, ngoba bayifumana leyo'nto eb'ilahlekile. Kusasa-ke babule ngoba b'ehlelwe ukufa, bakolwe nokukolwa ukuti ngempela ng'uBanibani obulele umuntu lowo ngokumtatela noma ngani, ngoba kutsho leso 'sangoma. E! Bakolwe-ke amanga aqanjiwe ng'"uyise wamanga", besebembulala umtakati onge'mtakati. Bala, "usatana uyazikolisa izigqila zake"! Usaqinisile njalo uPaulus ocw., eti: «*Baba y'izipukupuku, ukucabanga kwabo.*»[1])

475. Umuntu obula esangomeni uy'ona na?

Yebo, umuntu obula esangomeni uy'ona kakulu, loku, ukutemba kwake, etemba ukuti angasizwa usatana namademone.

1. Uy'ona umuntu otemba *isangoma esingeyiso,* loku yena eti, siyiso, eti, ng'umuntu omhumutshela akutshoyo amadhlozi, akutshoyo usatana kumbe idemone.

2. Otemba *isangoma esiyiso* uy'ona kakade, loku efun' ukusizwa amadhlozi, ngokwempela efun' ukusizwa usatana kumbe amademone, eti, ufun' *ukusizwa,* kanti ufun' *ukubulawa* (*number* 444).

Kuyabonakal' ukuti kuyisona leso 'sono esesakulunywa ku-*'number* 445.

476. Isono sekolwa elisakolwa, lisatemba izangoma singakanani na?

Isono sekolwa elisakolwa, lisatemba izangoma sikulu impela, siy'esabeka kuneseqaba nje, ngoba ikolwa elinjé lilahla ukukolwa, libuya litemba usatana, kona limazi uNkulunkulu.

Ikolwa lati mhla libatshatizwa, lafunga lati, liyamala *usatana nemisebenzi yake;* lati, liyakolwa *ku'Nkulunkulu . . . umNini-'mandhla onke.* Naku-ke ukubula kwalo kwazis' ukuti lihlubukile ku'Nkulunkulu, libuyele ku'satana.

UNkulunkulu wati kwabakwa'Israel: «*Aniyikubula, namapupo aniyikukolwa yiwo. . . . Ningayi ezangomeni, ningabuzi 'luto ezinyangeni zokubula, yikona ningayikunindwa yizo; y'iMina oy'inKosi uNkulunkulu wenu.*»[2]) «*Umpefumulo* (uqobo lwomuntu, umuntu pela), *inxa nga uya ezangomeni nas'ezinyangeni zokubula, upinga nazo* (kuyalinganiswa pela: opinga ngokwomzimba uyahlangana nomuntu onge owake; lapa-ke kutiwa, umuntu ka'Nkulunkulu, ebula enyangeni, uyapinga ngokwomoya, ehlangana nomuntu ka'satana), *ngizauwuzonda ngeso, ngiwubulale ngiwususe pakati kwabantu bami.*»[3]) *Owesilisa nowesifazana,*

[1]) Rom. 1,21.—[2]) 3. Mos. 19,26. 31.—[3]) 3. Mos. 20,6.

okuhlezi kuye umoya wobungoma kumbe owokubula, kabafe nokufa, abapohlozwe ngamatshe: icala legazi labo alibe kubona! »[1]) « *Makungafunyaniswa 'muntu kuwe ohlambulukisa umfana wake kumbe intombazana yake ngokumdabulisa umlilo; (makungafunyaniswa) nobula ezangomeni, nokolwa amapupo, nobula ngênyoni, nomtakati, nowelapa ngemilingo, nobula k'owenziwa uPithon nas'ezinyangeni zokubula, nobuza iqiniso kwabafileyo* (emadhlozini)*; ngobapela inKosi iy'enyanya konke loku.* »[2])

Nans' indaba yesangoma leso esidumileyo sas'endulo, uSimon otiwa "uMagus" loku ng'ukuti "isAngoma", njengoba ilandwa enCwadini ey'ingcwele: « *UFilipp* (udiakone, ai umApostole) *w'ehla waya wafika edolobeni las'eSamaria, waes'ebashumayeza ngoKristo. Ke, izixuku zalalela nga'nhliziyo'nye okwakukulunywa ng'uFilipp, zizwa, zibona izimangaliso ez'enziwa uye. Ngobapela kwabaningi ababengenwe y'imimoya emibi* (amademone), *yapuma ngomsindo omkulu; nabaf' uhlangoti nezinyonga eziningi zapulukiswa. E! Kwajatshulwa kakulu-ke edolobeni lelo.*

Kepa umuntu, igama lake ng'uSimon (was'eGitton), *waekade ekona kuqala edolobeni lelo, ey'isangoma, epamba abantu bas'eSamaria, eti, ung' "Omkulu" otize. Aike, bonke, abancane nabakulu, bambonga bati: Lo ung'amAndhla ka'Nkulunkulu okutiwa ng' "amakulu". Bambonga pela ngoba kwasekuy'isikati ebapamba ngemilingo yake. Kepa bat' uma bekolwa uFilipp ebashumayeza ngeVangeli lombuso wezulu, babatshatizwa ngegama lika'Jesu 'Kristo, abesilisa nabesifazana. Ke, noSimon uqobo waes'ekolwa; wat'ub' abatshatizwe, wanamatela ku'Filipp. Wat' ebona izimangaliso namandhla amakulukazi, wamangala w'etuka.*

Aike, abApostole ababes'eJerusalem, bat' ukuzwa ukuti iSamaria livumile izwi lika'Nkulunkulu, batumela kubona uPetrus noJohannes; bona-ke baseb'ehla baya kona, basebebakulekela ukuba b'amukeliswe uMoya ocw., ngoba waungak'ehli ufike ku'muntu pakati kwabo, besabatshatiziwe nje ngegama lenKosi uJesu. Basebebeka izandhla pezu kwabo, b'amukeliswa-ke uMoya ocw.

Ke, uSimon wat'ub'abone ukuti ukwamukelisa uMoya ocw. kuy'enzeka ngokuba abApostole babeka izandhla pezu kwomuntu, wati, abamtengele (lawa 'mandhla) *ngemali, eti: "Nginikeni nami lawa 'mandhla, yikona wonke umuntu engisuka ngibek' izandhla pezu kwake, ezakwamukeliswa uMoya ocw." Kepa*

[1]) 3. Mos. 20,27.—[2]) 5. Mos. 18, 10-12.

uPetrus wati kuye: "Imali yako aibube kanye nawe, ngoba ub'ute, ixotsho lika'Nkulunkulu liyatengeka ngemali. Leli'zwi (lokuti umuntu ang'amukeliswa uMoya ocw. ngokubekwa izandhla) *auna'sabelo, auna'lifa kulo, loku inhliziyo yako ingeqoto pambi kuka'Nkulunkulu. Penduka ebubini lobu, uncenge uNkulunkulu, akutetelele mhlaumbe lo'mcabango wenhliziyo yako. Ngobapela ngiyabona ukuti upetwe inyongo ebabayo* (kuyalinganiswa pela), *ubotshiwe ngesibopo sobubi." Waes'ependula uSimon wati: "Ngikulekeleni nina enKosini, ngingaze ng'ehlelwa 'luto enilutshoyo".* [1]) Aike, ênewadini zas'endulo kuyafumaniseka ukuti uSimon akabuyekanga ubungoma. Kutiwa, waya eRoma, uPetrus es'ehlezi kona; waes'eti ngelinye ilanga, uzakwenyuka aye ezulwini. Wati-ke es'epakama emoyeni, epakanyiswa amademone pela, uPetrus naye ekona, ekuleka, wawa watshayeka pansi, ab'es'engasakwaz' ukuhamba. Kutiwa futi, ngelinye ilanga wati, ak'embelwe esezwa, yikona ezauvuka ekufeni. Nembala w'embelwa pansi kwomuti. Kodwa ukuvuka kabange esavuka.

Xans' indaba yesinye isangoma sas'endulo, efumaniseka enCwadini ey'ingewele. Kutiwa: *"Bati sebehambile* (uPaulus noBarnabas) *izwe lonke las'esiqingini leso* (iKiprus), *baze bafika ePafus, bafumana umuntu owaey'isangoma nomprofete ongesiye, iJuda, uBarjesu igama lake. Ke, lo'muntu waehlala ku'Sergius uPaulus owaeng'uProkonsul* (indun' enkulu ka'Kesare was'eRoma kuleso 'siqingi), *umuntu osileyo pela. Yena-ke waebabizile uBarnabas noSaulus, wati, ab'eze kuye; wafisa ukuzwa izwi lika'Nkulunkulu. Kepa uElimas, isAngoma* (uye uBarjesu; abantu babembiza ngelokuti "isAngoma" nje, okutiwa ngelakubo "Elimas"), *wamelana nabo, efun' ukumyekisa uProkonsul ukukolwa. Kepa uSaulus, yena lowo ong'uPaulus futi, wat'egcwaliswa uMoya ocw., wambeka, wati: "Hau! wena ogewele amacebo onke nobuqili bwonke nje, wena 'mntaka'satana, wena 'sita sako konke okuhle, aupezi kambe ukupambanisa izindhlela zenKosi ziqondile zona! Manje-ke naku! isandhla senKosi sipezu kwako, woba impumpute, ungab' usalibona ilanga, kuze kube y'isikati* (esinqunywe uNkulunkulu). *Wahlwelwa-ke konalapo, wafikelwa ubumnyama, waes'epumputa, efuna ongamhola ngesandhla. Lapo-ke uProkonsul wat'ub'abone okwenzekile, wakolwa, emangala ngemfundiso yenKosi."* [2])

477. Ukukolwa nokutemba izangoma, ikolwa liyazikolwa, liyazitemba uma l'enza-ni na?

Ukukolwa nokutemba izangoma, ikolwa liyazikolwa, liya-

[1]) Enz. 8, 5-24.—[2]) Enz. 13, 6-12.

zitemba uma litemba amandhla nokutsho kwazo enhliziyweni yalo, nalapo liveza loku ngomlomo nangezenzo zalo.

Ukutemba kwalo izangoma, ikolwa liy'ona:

1. uma enhliziyweni yalo liti, kuhle ukubula;

2. uma livumela amaqaba, liti, 'enza kahle la ebula;

3. uma liyisa abanye ezangomeni, bazibulele, kumbe balibulele lona;

4. uma livumela abanye ukuba baliyele enyangeni yokubula;

5. uma likutshaya iqiniso konke okutshiwo y'izangoma, noma kwabulwa ngesalo isisusa noma ngesomunye nje umuntu. Liy'ona kakulu, la likolwa ukuti ngempela uBanibani ubulewe ng'uBanibani ngokutakata kwokuti, ngoba kutsho isangoma.— Liy'ona,

6. uma libula ezangomeni. Sekw'ezwakala ku'*number* 534 ukuti, ukufundwa kwekolwa noma liyilo ngempela noma lisel'iqaba yini pezu kwokubatshatizwa kwalo, liyafundwa ikakulu, la sel'ehlelwe ukuhlupeka. Ikolwa eliyilo alinuki,

ikolwa eliyilo alibuli.

Liy'ona futi,

7. uma imilingo yezangoma liyifanisa nezimangaliso eziyizo ez'enzeka ngamandhla ka'Nkulunkulu yena yedwa (*numbers* 121,5 & 442,3);

8. uma litshayela izangoma;

9. uma lidhla utshwala bwezangoma *ngoba* ng'obwazo;

10. uma likolwa ukuti lona, ukugula kwalo okutize, liguliswa amadhlozi, kumbe ukuti uBanibani uguliswa yiwo.

478. Ikolwa elibuyelwa inhliziyo yokutemba izangoma, ngalikumbula ukuti-ni na?

Ikolwa elibuyelwa inhliziyo yokutemba izangoma, ngalikumbula ukuti zombili, esiyiso nesingeyiso, zingesize 'muntu.

Esingeyiso singesize, loku siy'isiputsha nje.

Esiyiso singesize, loku ukusiza kuka'satana ng'ukubulala.

479. Ikolwa elibuyelwa inhliziyo yokutemba izangoma, ngalikumbula nokuti-ni na?

Ikolwa elibuyelwa inhliziyo yokutemba izangoma, ngalikumbula nokuti kalisweli ukusizwa ngamandhla ka'satana, loku lisizakala ngamandhla ka'Nkulunkulu.

1. Ikolwa eliyilo alina'kususwa *indaba yamadhlozi neyabatakati abangeyibo* (*number* 468) ukuze libule, ngoba liy'azi ukuti kul'ize konke loko.

2. Alina'kususwa *naindaba yabatakati abayibo* ababulala ngomkonto nangobuti. Liyabafuna obala, lingafunisa noHulumene, e! lingafuniswa nauNkulunkulu, uma etand' ukuba umtakati atolakale. Uma engatandi ukuba atolakale, kayikutolakala nanini, noma kubulwa noma kungabulwa.—Ngakona loku

3. alina'kubuliswa *nainto edukile.*

E! Uma l'enza njalo, liqinisile la liti imihla ngemihla: «'Baba wetu os'ezulwini . . . intando yako mayenziwe emhlabeni njengas'ezulwini.»

480. Ikolwa elibuyelwa inhliziyo yokutemba izangoma, ngalikumbula nokuti-ni na?

Ikolwa elibuyelwa inhliziyo yokutemba izangoma ngalikumbula nokuti pezu kwokuhlupeka eselinako belizauz'ehlisela ulaka luka'Nkulunkulu.

Numbers 454, 455.

4.

Ukwelapa okul'ize.

Abantu ab'azi into ekona nengeko b'elapa isifo sona uqobo lwaso nje, sona sodwa nje futi.

Kepa abantu abamnyama, njengoba bekolwa eziningi izinto ezingeko, beti zikona, ezinjengamadhlozi nabatakati abangeyibo nemiti nemigidi okutiwa batakata ngayo, bekolwa nokuti ukufa nokuhlupeka kus'emandhleni alezo 'zinto ezingeko,

bayakolwa ukuti kwelapeka okung'elapeki.

Ngobapela, ukwelapa kwabo, kab'elapi nje into ekona **enjengesifo** sona ngokwaso nje, bay'elapa nento engeko **enjengomhlola nomnyama,** nento eng'elapeki **enjengenhliziyo nezulu namasimu nani nani.**

Futi abantu ab'azi into ekona nengeko, njengoba b'elapa isifo sona ngokwaso nje, bay'elapa ngemiti ey'imiti kupela.

Kepa abantu abamnyama, njengoba befun' ukwelapa izinto ezingeko nezinto ezing'elapeki,

bay'elapa nangemiti enge'miti.

a.

Ukwelapa umhlola nomnyama.

(1)

Ukuvimbela umhlola, ungak'ehli.

481. Ukupunga umhlola ngoba kuvele isihlabamhlola, kuy'isono na?

Yebo, ukupunga umhlola ngoba kuvele isihlabamhlola,

kuy'isono impela, loku izihlabamhlola abantu abakolwa yizo zil'ize.

Number 468 (l).—Ukupunga umhlola, noma upungwa ngokubonga amadhlozi, noma ngemiti yonke leyo e'nhlobonhlobo yokwahlula abatakati, enjengemiti yokupundula nokuqunda nokufinga nani nani, kul'ize leze, loku kusetshenzwa ngamandhla angeko.

482. Ukubila kuy'isono na?

Yebo, ukubila kuy'isono impela, ngoba kwesatshwa, kutenjwa amandhla angeko, inganti ukwehlisa ukufa nokuhlupeka kus'emandhleni ka'Nkulunkulu kupela.

Okundawonye nokubila ng'*ukugoma nokumisa nokuqinisa,* noma kwenziwa *ngokufinga* noma *ngokucela ngêntelezi* noma ngani nani. Aike, njengoba kuy'izinhlobonhlobo eziningiiningi, sikomba ezinye nje lapa.

1. Ukubila, noma kungakabiko 'luto olusolisayo:—Kwenzelwa ukuvimbela umhlola, uvinjelwe isiza sendhlu, umfana oyosebenza, izinkomo, nani.

2. Ukubila, sekukona okusolisayo. Naku okungasolisa:—ukukonkota kwezinja ebusuku, ngoba kutiwa, zikonkota umtakati kumbe imfene nani yake; ukubona umuntu kumbe isilwane ebusuku kona ekaya, ngoba kutiwa, ng'umtakati kumbe isilwane esifuyiwe uye; ukubona unyawo kumbe udengezi kumbe into-ni ekaya noma ngakona; ukugula okungapeli; ukuxabana nokuzondwa nokusongelwa; ukuhletshelwa ukuti, uBanibani owake ngas'ekaya unemfene, unomkovu nani, usongele; nokulokotelwa nani nani.

3. Ukubila ngoba' njengomkuba wabantu kubilwa ngokuti la sokuukuti:

(a) Ingane iyabilwa *ngokutunqiselwa ngezinyamazane nangokulunyulwa,* yikona kuyaukitshwa osekukona ngoba unina w'eqa mhlaumbe *imikondo yezinyamazane,* kuvinjelwe futi imikondo yazo efika nabantu. Ibilwe *nangokubongelwa,* yikona amadhlozi ezauyilondoloza, ib'is'ifakwa *iminqwamba yembuzi* ebongile, kumbe *umhlwehlwe* wayo.

UNkulunkulu kadalanga 'nyamazane ekwaz' ukwona nekwaz' ukwelapa ingane, noma isamitiwe noma is'izelwe; kadalelanga 'mkondo wa'nyamazane amandhla okwona ingane. Usatana namademone nomuntu okutiwa ng'umtakati kabakwazi ukudala amandhla angadaliwe uNkulunkulu. Kwazis' ukuti imikondo yênyamazane aina'luto nolunci. Ngako-ke osuk' etunqisela ingane ngênyamazane, osuk' eyilumula ufun' ukwelapa into engeko nga-

mandhla angeko, uyampika-ke uNkulunkulu umNini'mandhla *onke.*

(b) Inkosi iyagonywa, imiswa, la is'izauba inkosi ngoba uyise usadunguzela, nalá inyateliswa noma yetshwama. Ke, ukuyivimbela okubi nokuyiqinisa kung'enziwa ngamandhla ka'Nkulunkulu kupela, ai ngekanda lomuntu nangemiti enge'miti nangemigidi yokwelapa el'ize.

(c) Impi iyabilwa, yikona kuzaulimala ababete bazaulimaza amabuto lawo.—Aike, siyayeka nje lapa.

Into ekona:—Ukubila kwabantu abamnyama kukomba ukuti okoko babo b'emuka kwa'Noe nakwa'Kam nokwazi ukuti umuntu akazipete, ukuti ukona pela okwaz' ukumhlab' inhlanhla nokumehlisela okubi nokumvimbela kona, la ehlutshwa amandhla amabi omtakati ong'uye onjengosatana. Kepa ukwazi loko kwancipa, kwapenduka ubuula. «*Baba y'izipukupuku, ukucabanga kwabo*» njengokutsho kuka'Paulus ocw.[1])

Aike, ol'ikolwa leBandhla elikatolike kalibilisi, kaligomisi okweqaba, ngoba abapriste balo, abalo bodwa kambe, bapete amandhla okugoma nokuhlahlamelisa ngamandhla ka'Nkulunkulu uqobo.

483. Ukusukula amasimu kuy'isono na?

Yebo, ukusukula amasimu kuy'isono, loku imbeu nomhlabati nelanga nemvula nezilokazane y'izinto ezis'emandhleni ka'Nkulunkulu kupela.

Ukusukula ku'nhlobonhlobo kambe: okunye kuba y'imiti yembeu nje, okunye kufakwe kutshiswe emasimini, okunye kube kubi ngohlobo ngoba kubulawa ingane kumbe umuntu omdala, kusukulwe ngabo.

Ikolwa leBandhla elikatolike kalisweli ukusukula, kalisweli na'muti wa'mbeu, ngoba abapriste balo, abalo bodwa kambe, bangaligomela, bangalihlahlamelisela imbeu namasimu ngamandhla ka'Nkulunkulu.

484. Ukubetelela izulu kuy'isono na?

Yebo, ukubetelela izulu kuy'isono, loku izulu lis'emandhleni enKosi epezulu yona yodwa.

Ukuba nga umuntu eti, namp' abelungu bel'elapa izulu ngemiti yabo, upambekile. Abelungu abal'elapi, ngoba into yabo, abavimbela ngayo izulu, lingatshayi indhlu,[2]) ai'muti; y'into[3]) e'nto-'nye nonyazi lolo lwas'emafwini, ukupela nje. E! Bayasebenza-ke ngamandhla awadalile uNkulunkulu, ai ngelize.

[1]) Rom. 1,21. — [2]) Yiko okutiwa ngesiNgisi *lightning-conductor.* — [3]) Ibizwa esiNgisini ngokuti *electricity.*

Abantu bati, izinyanga ezinkulu zezulu yibo abeSutu. Ngoba abeSutu banikwa nini amandhla okubusa izulu yiyo inKosi epezulu na? Kungoba b'ake oNdini konje, lapo izulu lihlomela, lisuka kona, yini na?—Ukuba kutiwa banamandhla ngoba bapete *utuli lwezicwe* nangoba bekwaz' ukukipa *umsuka wezulu, amanyela* belu, utuli lolo ng'olwezicwe yini, loku l'utuli lwetshe elaqekezwa izulu nje? nomsuka lowo auvele yini ngokuba ibumba netshe, elinjengenyangane, lancibilikiswa ngomlilo wonyazi njengoba lincibilikiswa nangomlilo obaswayo na? Notuli lwezicwe oluyilo lung'ahlula inKosi epezulu na? Nebumba netshe elancibilikiswa ngomlilo wonyazi lingay'ahlula yini na? Pela, ukuba izicwe zalola imicibitsholo etsheni, kwasalela-ke kulo utuli lwensimbi, unyazi luketa lona kakade ngoba linotuli *lwensimbi,* njengoba lutanda kakade namatshe apete *insimbi* njengenyangane.

Futi, abantu bati, izulu l'elapeka ngokubetelela. Izikonkwane nemiti ezihuqwe ngayo, nayo yonke imilingo yezinyanga, kungahle kwahlule inKosi epezulu yini na? inganti yona inKosi leyo aidalanga 'muti wokuy'ahlula Yona bo! E! *Baba y'izipukupuku, ukucabanga kwabo.*» [1])

Amakolwa eBandhla eliyilo lika'Nkulunkulu angahle azifunele icala elikulu enKosini epezulu ngokubetelela izulu yini, inganti eBandhleni bakona abapete amandhla okuwagomela izulu ngokuyala usatana okutiwa *"y'inkosi yomkati womoya lo",* [2]) bepete namandhla okuwazamela enKosini epezulu, yikona ingayikuwatshaya ngonyazi.

(2)

Ukupunga umhlola, sowehlile.

485. Ukwelapa umuntu ogulayo kuy'isono na?

Qabo, ukwelapa umuntu ogulayo aku'sono nakanci, kepa ukwelapa umhlola wona ngokwawo okutiwa umehlele yena nabas'ekaya, kuy'isono impela.

1. Ukwelapa kahle:—UNkulunkulu, yena opete ukupila nokufa, ng'uye odalile imiti emininginingi eyiyo, eyidalele amandhla okwelapa izifo, înhlobo ngênhlobo zazo. Osuka-ke 'elapa ngayo, uy'elapa kahle, lokupela esebenza ngamandhla adaliwe uNkulunkulu. Aike, nezinyanga zabantu ziyay'azi imiti emininginingi enjalo.—Futi, njengomteto wake wesi5 uNkulunkulu uyafuna ukuba umuntu anakekele impilo. Nangu ecaza le'ndaba ngomlomo ka-'Sirak, eti: *Bonga inyanga ngenxa yokuxakeka, ngoba uPezukonke uyidalile. Ng'uNkulunkulu kambe okuvela kuye ukusi-*

[1]) Rom. 1,21.—[2]) Ef, 2, 2.

ada konke, kodwa nainkosi iyayiholela (inyanga) . . . *Ng'uPezukonke oveze imiti emhlabatini; ke, umuntu ohlakanipile kayikuyidelela. . . . Ngenxa yokuba abantu b'azi amandhla ayo* (imiti), *uPezukonke unike* (izinyanga) *ukwazi, kona eyakutuswa ngenxa yezimangaliso zake. Ngako* (ukwazi kwayo) *inyanga iyapolisa ubuhlungu . . . 'Mntanami, ut'uma ugula, ungazideli, qa, kuleka enKosini, yona-ke izaukusindisa. Penduka ekwoneni, uqondise izandhla zako* (z'enze okuhle), *uhlambe inhliziyo onke amacala ayo. . . . Kepa nokubiza inyanga, woyibiza, loku y'inKosi eyidalile, ungati, aisuke kuwe, ngoba umsebenzi wayo uswelekile. Kufikile pela isikati sokuba s'ezandhleni zazo* (izinyanga)*; nazo-ke zizaukuleka enKosini, ukuze, ukupolisa nokupulukisa kwazo, iz'enzise kahle, yikona zizautola ezingapila ngako.*»*)

2. *Ukwelapa kabi:* — Yonke eminye imiti okutiwa kuyiyo engeyiyo, nayo yonke imigidi leyo egilwa izinyanga zabantu, konke pela okusebenzela ukupunga umhlola wona ngokwawo kuyasoleka. Ngako-ke uy'ona nokwona

(a) obonga amadhlozi, ewatshweleza, ecelela isiguli, nobongisayo, novum' ukuba abongelwe. — Uy'ona

(b) obonga amadhlozi ngoba kwehle ukufa ekaya, nobongisayo, novum' ukuba kubongwe. — Uy'ona

(c) owelapa amadhlozi novum' ukuba 'elatshwe, ngoba kutiwa "apenduliwe", "amnyama", "onakele", 'elatshwe pela ngobulau obumhlope. — Uy'ona

(d) ot'uma egula, avume ukuncindiswa eminye imiti ngapandhle kweyiyo leyo elwa nesifo sona ngokwaso nje, kumbe avume nokwenziwa-ni nani enjé. Uy'ona

(e) ot'eng'umuntu was'ekaya engaguli, avume ukuncindiswa nokucatshwa nokucelwa ngêntelezi, ngoba kukona ekaya ogulayo. — Uy'ona

(f) unina obaleka nengane, ngoba eti, ukufa kus'ekaya, nombalekisayo nomvumelayo.

486. Ukwelapa umuzi ngoba kufiwe, ngoba izulu litshayile, nangoba kwehle umhlola muni, kuy'isono na?

Yebo, ukwelapa umuzi ngoba kufiwe, ngoba izulu litshayile, nangoba kwehle umhlola muni, kuy'isono impela, loku kungey'isifo es'elatshwayo, kwenzelwa ukupunga nokuvimbela umhlola.

Imikuba egcinwayo la kufiwe, eminye aisoleki, ngoba yenzeka ngokudabuka nokulila nje; eminye enjengokudhla amakubalo nokwenza-ni nani iyasoleka, ngoba yenzelwa ukukipa umnyama

*) Sir 38,1-2. 4. 6-7. 9-10. 11-14.

nomhlola. Uma-ke umnumzana etuta, ngoba ebalekela umhlola uy'ona.

Pela, ukwehla kwomhlola, okwokufa nokuhlupeka belu, njengoba kus'emandhleni ka'Nkulunkulu, umuntu angaya *kuye*, azame ngawake amandhla, la efun' ukwahlula okumhlupayo.

487. Ukwelapa umnyama kuy'isono na?

Yebo, ukwelapa umnyama kuy'isono, loku kwelatshwa into engeko ngamandhla angeko.

Wonke umnyama, noma kutiwa umuntu unawo, noma kutiwa inyamazane noma inyoni noma into-ni inawo, uy'into engeko, loku uNkulunkulu engazange adalele 'muntu, adalele 'luto umnyama. Okundawonye nomnyama *y'isisila netshwa nomkoka nobuswezi nomswazi nentshidi.* Futi njengoba konke loku kuy'into engeko, *nokulokotela* umuntu *nokumningela,* okutiwa kubanga umnyama nani, kul'ize.

b.
Ukwelapa inhliziyo.

488. Ukukolwa ukuti inhliziyo iy'elapeka yikona izautandiswa into ingazitandeli, kuy'isono na?

Yebo, ukukolwa ukuti inhliziyo iy'elapeka yikona izautandiswa into ingazitandeli, kuy'isono, ngoba indaba yentando yomuntu eselap' emhlabeni aingenwa 'luto.

1. Site, okunge'sifo akwelapeki ngemiti. Ke, inhliziyo yomuntu, intando yomuntu ai'sifo. Kuyabonakala-ke ukuti ayelapeki.

2. Umteto, uNkulunkulu amdalele wona umuntu, ng'owokuzitandela, owokuz'enzela pela. Nangexotsho elicwebisayo, nakuba liy'into e'luhlobo lwobuNkulunkulu, nangamaxotsho asizayo kay'ahluli intando yomuntu, ayitandise ngenkani, ayipoqe. Kwazis' ukuti kadalanga amandhla okuy'ahlula nokuyipoqa, loku eb'ezobulala owake umteto wokuti, umuntu akazitandele. Kus'obala-ke ukuti amandhla anjengemiti yokutandisa umuntu kawako emhlabeni.

3. Kade kuzwakala ukuti ukuzitandela kuy'imfanelo yobuntu. Manje-ke, uma bekukona umuti wokutandisa umuntu ngenkani, umuti lowo ub'uzauba into enamandhla okuguqula umteto wobuntu, umuntu aze abe into engase'muntu. Y'into eng'enzeke, lokupela kung'umDali yedwa ongaguqula umteto wakudalile.

4. UmDali nomKwezi womuntu, ng'uye omdalele nomteto wokutandeka nokungatandeki. Kuy'imfihlo enqabile ngempela, engengenwe 'muntu, loku naku nomuntu uqobo eqabuka etanda uBani, enengwa uBani; etandeka ku'Bani, engatandeki ku'Bani.

Kwazis' ukuti nendaba yokutandana kwabantu ipetwe uNkulunkulu, njengoba ng'uye opete zonke.

489. Ngako-ke abapata imiti yokutandisa bay'ona na?

Impela, abapata imiti yokutandisa bay'ona kakulu, ngoba ngokwenza kwabo loku bayampika uNkulunkulu umNini-'mandhla onke, betemba amandhla angeko, beti, akona.

1. Abesilisa:—

(a) Ukupalazela intombi. Ukupalaza ngemiti emnyama, amakubalo nezimpande; nokukipa emnyama ngokupalaza ngezintelezi eziubulau; nokupalaza ngobulau obumhlope: konke loku, kutiwa, kwenzelwa "ukulungisa igazi", yikona umfana ezaubukeka, izintombi-ke zit'ukumbona zimconsele amate, kunga zingamtanda zonke.

Aike, ukupalaza konke loku, kona *ngokwako kodwa* nje, bekungcono, ngoba uma isilima sisuka sizipalazela singaguli, kungeko 'sisusa nasipi, ng'ubulima kambe, kodwa noko aku'sono.

Futi, ukulungisa igazi ngoba alisalungile, kumbe ngoba kutanda ukuba livinjelwe ukwonakala, akusoleki; al'elatshwe pela ngemiti elungel' ukuqeda isifo esikona, kumbe elungel' ukuvimbela esizayo.

Okusolekayo ng'ukuba opalazela intombi utemba ukuti, ukupalaza kwake ngemiti yokuti kunamandhla okutandisa uBanibani, amandhla pela, ukupalaza loko okungenawo, yena-ke epikelela ukuti kunawo. Ke, lawa 'mandhla engadaliwe uNkulunkulu, kuyabonakala ukuti upikelel' ukuti kukona amandhla angadaliwe uNkulunkulu, uyampika-ke umNini'mandhla *onke.*

Ukubukeka, akuyena umEnzi nomKwezi womuntu yini opete indaba yokubukeka nokutandeka na?

(b) Ukupupisa intombi:—

(1) Ukukafula intombi. Kutiwa, umfana ayilume yonke imiti leyo, ayimumate, ati-ke ub'acinse, ati: "Nant' ipupo, wena 'Bani, livule ingubo, l'embate!" Yisip' isilima esingaboni ukuti ilize lonke leli na? UNkulunkulu wayidalela nini leyo 'miti (uManaye nobani nobani) amandhla okupupisa umuntu na? Futi, ati umfana ezikafulela ekaya kubo, amandhla okupupisa intombi, ikude, asuke kuleyo 'miti, agijime aye kulowo 'muzi ehlezi kuwo intombi, agijinyiswe ubani konje? angaduki, afinyelele kuleyo 'ntombi, afinyeleliswe ubani konje? Y'imiti leyo konje 'ezwa igama lentombi limenyezwa na? L'ipupo yini elilizwayo na, inganti lona alikabiko nje bo? kube ubani okuzwayo na, loku intombi ingakuzwa ikude na? *Baba y'izipukupuku,*

ukucabanga kwabo», kutsho uPaulus ocw.*)

(2) Ukubambelela intombi. Yiyona leyo 'ndaba futi:—Lezo 'zinto, okutiwa y'imiti, ezinjengehabiya namakubalo namafuta ezilwane nezinsila negazi lomfana, uNkulunkulu kazidalelanga amandhla okupupisa nokutandisa umuntu; ilize pela. Futi njengoba zifakwa ngapandhle nje esikumbeni, isebenze kanjani nje bo? Nembala akuko 'ntombi eti, iyagula amahlombe, *ing'azi* ukuti iponsiwe.

(3) Ukugqabela intombi. Kwenzelwa ukuy'etusa, yikona nganxanye umfana ezauba nesitunzi kuyo, ayitonye; nganxanye yona, ngovalo lwayo, imkumbule njalo, yikona-ke nokumpupa izaumpupa njalo. Pela, uNkulunkulu kadalanga 'muti wesitunzi, kadalanga 'muti wokupupisa. Po-ke, inyanga yomuntu ingadala yini, idalele imikando nani nani lawo 'mandhla na?

(c) Ukudhlisa nokubemisa intombi ngemiti. Lezi 'zinto, okutiwa y'imiti yaloku, ziyangena kambe pakati emzimbeni, kepa ukusebenza inhliziyo ziy'ahluleka, loku kungeko 'muti wenhliziyo, uNkulunkulu engadalanga 'muti onjalo.

Okuqamisa impela ukuti kul'ize, naku! Umfana, ukudhlisa nokubemisa kwake, wenzel' ukutandwa. Kutiwa-ke, uma ingamtandi noko, yona leyo 'miti izauziguqukela ubuti. Kwazis' ukuti aisibo ubuti, la isafakwa nje. Ke, umuti onge'buti auguquki 'buti, noma abafana babantu betsho nokutsho.

(d) Ukuhayizisa intombi. Ukuti yona imiti aina'mandhla, kuyabonakala ngokuba intombi esuk' ing'azi ukuti iponsiwe ingehayize. Ukuba bekuyiwona amandhla emiti ahayizisayo, ngaihayiza noma ing'azi, njengoba nomuntu odhlisiwe ngobuti uyafa nakuba eng'azi ukuti udhlisiwe, loku kuyiwo amandhla obuti asebenzayo.

(e) Ukukipa intombi ngesicanulo (isikipo). Ukuhlanza kwekati nokwenja nokwani, nokuhlanzwe yilezo 'zilwane kuna'ndabani po nomuntu lowo wentombi okutiwa ikitshwa ku'Banibani na, kuna'ndaba-ni nomuntu womfana ekitshwa kuye na?—Ukuba impande leyo ibizwa ngokuti *umnyama* wempunzi, sokwoba *mnyama* konje lapo kukona uBanibani lowo, yikona ingasayikumbona, ilanga lipezulu, na? Netshe lelo, ngokuba libizwa ngokuti *isita,* linamandhla *okusita* umfana lowo konje, ilanga lipezulu, na?—Ngokuba isilokazana leso *esinuka* kabi, okutiwa ng'*umzondo,* sifakwe entombini, sinamandhla *okuzondekisa* konje umfana, *anuke,* na? Ub'enganuka kambe, uma sifakwe kuye.—Ngoba *isilo sinolaka,* inhliziyo yaso ingaguqula konje eyentombi, ize *ibe nolaka* ilwe nalowo 'Bani ekitshwa kuye, *ilwise okwesilo,* na?

*) Rom. 1,21.

Po-ke, izinyanga nabafana babantu bang'abangane abakulu baka'Nkulunkulu ngempela yini konje, baze bakwaz' ukwenza izimangaliso zohlobo imihla ngemihla na? Kanti, izinsizwa zabantu ziyizo ngempela izilima lezo ezikolwa însumansumane ezi'manyala anukayo na, zingaboni ukuti zibutisa izinyanga imali ngobulima bwazo na?

(f) Ukupeeisa nokubetelela intombi. Njengaloko kungeko 'muti wokwenza ukuba intombi *imtande nje* umfana otile, kus'obala ukuti kakade akuko 'muti wokwenza ukuba *imtande yena yedwa.*

(g) Kukona nolunye uhlobo lwokusebenza intombi, umuntu onamahloni angelupate nangomlomo nje. Sing'anel' ukukomba nje lapa ukuti: — Ukuba kutiwa, imbulu l'*ivila,* amafuta ayo as'eyakwaz' *ukuvilapisa* konje intombi, ingalwi, ivume nje! Nokuba impande leyo ibizwa ngokuti ng'*unzukela,* iyakwaz' *ukuyizukekisa* intombi, ipelelwe amandhla na? Nesitolomu siyiqede amandhla! Namanyala lawo ka'matanazane — —! Hai ngokufoja kwabantu abamnyama bo! Nank' amanyala obulima bwabo enuka kabi! Uqinisile isibili uPaulus ocw., eti: «*Baba y'izipukupuku, ukucabanga kwabo.*» *) — Kus'obala ukuti, akwenzayo umfana entomba zaneni eyisebenza ngale'miti esigcine ngayo, kuy'isono nas'emte tweni wesi6; kwazis' ukuti nentombazana iy'ona, uma ivuma ukuba kwenziwe.

Pela, sesiyayeka lapa, loku singeke siqede zonke izinhlobo nênhlotshana zobulima lobu, obunge'bulima bwodwa nje, ng'ukwona, loku kutenjwa amandhla angeko, kupikelelwe ukuti akona, kupikwe-ke uNkulunkulu umNini'mandhla *onke.*

2. *Abesifazana:* — Kus'obala ukuti imikuba egilwa izintombi, *enjengokupalazela* umfana *nokumgqabela nokumdhlisa* ngemiti etakiwe nezinsila zayo negazi layo, negilwa abafazi, *enjengokuhungula nokubuyisa* inhliziyo yendoda nokuyitandisa ngokutiwa *intando,* indawonye nokukade kutshiwo ngeyabesilisa.

Pela, wonk' umuntu osileyo angaziqondela ukuti *intando,* noma yenziwa *ngomuti* wokuzaula noma owokudhlisa, noma *ngomzondo,* noma *ngempumpute,* noma *ngexanti,* noma *ngekubalo* okutiwa liguquka ixanti kumbe utokolotshe, — y'insumansumane, loku uNkulunkulu engadalanga amandhla anjalo, engezipe futi izinyanga ezinjalo amandhla okwenza izimangaliso imihla naizolo, nosatana engez'enze isicaka sazo yonke imihla, 'ahluleka futi ukutandisa umuntu ngenkani.

*) Rom. 1,21.

490. Uma intombazana eponsiwe is'imtanda umfana, kwazis' ukuti-ni?

Uma intombazana eponsiwe is'imtanda umfana, kwazis' ukuti ib'is'izitandela yena kakade.

Sesitshilo ukuti ng'uNkulunkulu ot'edala abantu 'enze ukuba uBanibani atandeke ku'Banibani, anengeke ku'Banibani.

491. Uma intombazana eponsiwe igula noma ihayiza, kwazis' ukuti-ni na?

Uma intombazana eponsiwe igula noma ihayiza, kwazis' ukuti kwenziwa ngokuzitshela nokutshelwa, nangokuz'esabela nokwesatshiswa, nangokuvumela umbejazane wokwenyama.

Pela, kasikulumi lapa ngokugula kwentombazana okuvela ngokuba umfana eyidhlise eyibemise *ngobuti*, engase'mfana otand' ukutandwa, seku umtakati.

1. Uma intombazana *eyazi ukuti iponsiwe* iti, iyagula amahlombe, igula-pi, imvama iyatsho nje, ingaguli 'ndawo. Itshiswo yini-ke? Itshiswo y'izalukazi zakubo naobanibani ababeyiló beyitshela ukuti, uma iponsiwe izaugula. Iti-ke itshelwa loku njalo selo yaba ingane, ikolwe-ke, ize ikolwe nokuti iyagula, ingaguli. Ke, umuntu at'etshelwa njalo ukuti uyagula, aze azitshele naye uqobo ukuti ngiyagula, angagula impela, eguliswa yiko ukutshelwa nokwesatshiswa loko,[1]) eguliswa futi ng'ukuzitshela nokuz'esabela kwake;[2]) e! nokufa impela, umuntu angafa kanjalo.

2. Intombazana-ke ehayizayo ihayiziswa y'ini? Kungaba kutatu:— (1) Kungaba kona isifo, esivamile kwabesifazana, esicabangisa umuntu okungeko aze agile imikuba enqabile; abantu bati y'isiponso, betemba ukuti sibangwa y'imiti yokuponsa, kanti kuy'isifo.[3]) (2) Esinye isisusa, yiko ukutshelwa nokuzitshela, ukwesatshiswa nokuz'esabela loko esikade sikuluma ngako. (3) Kuvam' ukuba kona nesinye isisusa esibi kuyona intombazana: ukuvumela kwayo umbejazane wokwenyama, ize ifane nesilwane.

3. Kuvunyelwe yini ukwelapa intombazana *ngoba iponsiwe* na? Qa. Ngani na? Ngoba imiti yokuponsa il'ize, yona ngokwayo aigulisi, aihayizisi 'muntu.

Kukodwa uma intombazana idhlisiwe, ibenyisiwe *ngobuti*. Kodwa akuso ukuponsa loko, ng'ukubulala.

Kukodwa futi, ukwelapa leso 'sifo esikade sisipata, esicabangisa umuntu okungeko aze agila imikuba enqabile.[3])

---

[1]) Yiko okutiwa ngesiNgisi *suggestion*. — [2]) *autosuggestion*. — [3]) EsiNgisini kutiwa *hysteria*.

c.

Imiti yeze.

492. Yimipi imiti evunyelwe ngomteto ka'Nkulunkulu na?

Imiti evunyelwe ngomteto ka'Nkulunkulu yiyo yonke, yiyo yodwa ayidalile yena, eyidalele ukwelapa isifo esiy'isifo.

Number 485.

493. Yimipi imiti enqatshelwe ngomteto ka'Nkulunkulu na?

Imiti enqatshelweyo ngomteto ka'Nkulunkulu yiyo yonke okutiwa yiyona, ingeyiyo, eyokwelapa pela okunge'sifo.

Yiyo yonke

1. eyokwelapa idhlozi el'onakala.—Yiyo yonke

2. eyokutakata kwabatakati abangeyibo (*numbers* 460 & 468).—Yiyo yonke

3. eyokutwasisa isangoma.—Yiyo yonke

4. eyokwelapa okul'ize, înhlobo ngênhlobo zako, njengoba kade kutshiwo ku'*numbers* 481—491.

494. Yimipi futi imiti enqatshelwe ngomteto ka'Nkulunkulu na?

Eminye imiti enqatshelwe ngomteto ka'Nkulunkulu yiyo epatelwa ukwelapa isifo esiy'isifo kambe, kanti kuy'izinto uNkulunkulu angazidalele 'mandhla okwelapa 'sifo.

1. Yonke indaba yemiti yokwelapa isifo iyanqumeka ngale'miteto emibili:

(a) Uma inyanga noma umuntu owelatshwayo besuka betemba into etize ukuti ing'umuti, ingeyiwo, kanti beyitemba nje ngokuba besuka beng'azi nje ukuti aisiwo, kuyabonakala ukuti *ab'oni,* ngoba ubulima bwona ngokwabo nje abu'sono. E! Onjalo akapikeleli amandhla angeko, usimz' ang'azi nje.

(b) Kepa uma betembe into ey'aziwa ukuti ai'muti, bepikelele ukuti inamandhla, b'azi ukuti uNkulunkulu kayidalele 'mandhla okwelapa 'sifo, *bay'ona,* loku bepikelela amandhla angeko, bapike-ke uNkulunkulu umNini'mandhla onke.

2. Kanjalo, la umuntu edhla ikubalo ngoba ling'umuti olungele ukulungisa igazi, akusoleki. La elidhla ngoba li"umuti" wokubila kumbe owokutandisa noma owani, uy'ona. Kube njalo-ke nas'êntelezini nakwezinye izinhlobo zemiti, eyona nganxanye iy'imiti eyiyo, nganxanye abantu beyipatel' ukwelapa okunge'sifo.

Iziqu nemiti efakwa enewebeni, uma kuy'imiti eyiyo, elungele pela ukwelapa izifo, umuntu angapambana nazo endhleleni, aiso-

leki. Nomlungu angafaka umuti ekukwini, ahambe nawo, ngoba 'azi nkuti angapambana nenyoka, imlume. Kepa uma kuy'imiti enge'miti, futi uma, ukutenjwa kwayo, itenjwa ngoba kutiwa iyasebenza ukuti nokuti, njengokufinga nani, iyasoleka kakade.

Kukona ezinye izinhlobo zemiti ezisoleka njalo, ngoba aku'miti. Zinjalo *izinyamazane* zonke, noma kutunqiselwa ngazo, noma ziqotshwa, kwenzwe inhlanganisela yazo. Sinjalo *nesitolomu*, noma kutiwa sisebenza ingane noma umuntu okulile noma impahla. Anjalo onke *amacwiyo* omuntu. Anjalo onke *amafuta* okutiwa *idhlaligwavuma nepumalimi nawomkovu naka'tokolotshe*. Zikona kambe înswelaboya. Kodwa imvama ngempela yokutiwa ng'amafuta omuntu nawomlungu kuamafuta engulube nawani. Kepa-ke, noma bekuyiwo awomuntu noma awomlungu, kuumuti yini? Imikovu naotokolotshe, njengoba kuy'izinto ezingeko nomumo wazo nje, amafuta angakitshwa kanjani entweni engeko, na? Bala, «*baba y'izipukupuku, ukucabanga kwabo.*»*)

3. Uma imiti eyiyo ixutshiwe nento yenkomo noma eyembuzi *ebongile*, iyasoleka na? Aike, yona imiti eyiyo aisoleki ngokwayo. Kepa la itenjwa ngenxa yento ebongile exutshiwe nayo, kus'obala ukuti iyasoleka.

5.

Ukukolwa amapupo namabika nani nani enjé.

495. Ukukolwa amapupo ukuti atunyiwe ng'umuntu okafulile kuy'isono na?

Yebo, ukukolwa amapupo ukuti atunyiwe ng'umuntu okafulile kuy'isono impela, loku kutenjwa amandhla angeko.

"Umuntu okafulile", noma kung'umtakati okutiwa ubulala, noma ng'umfana okutiwa utandisa intombi.

496. Ukukolwa naamanye amapupo kuy'isono na?

Ukukolwa amanye amapupo kungaba isono, ngoba kutenjwa amandhla angeko; kungaba ubulima bwodwa nje, kungeko 'kutemba amandhla angeko.

Indaba yamapupo nansi:

1. Amaninginingi amapupo ayazivelela ngokuzisebenzela kwobucopo bwomuntu elele, ubucopo bungasabuswa ingqondo nentando, loku kulelwe ubutongo. Aike, wonk' umuntu osileyo uy'azi ukuti ng'amapupo nje, ukupela.

2. Amanye amapupo amaningi nje ayavela ngokuba ubucopo bus'enziwa yiloko okukade kucabangisa umuntu engalele. Kwe-

*) Rom. 1,21.

nzeka kakulu, uma into etize ib'iyiloku imnakile umuntu kakulu. E! Nas' isisusa sokuba umuntu ozondwa uBanibani ampupe lowo 'Banibani, ngobapela indaba yokuzondwa loku y'indaba emnakile kakulu. Ati-ke es'empupile agule, namp' ubulima-ke! ab'es'eti, ubulewe uye; kanti amanga ohlobo, inganti ukupupa kwake eputshiswe ngowake umcabango, eyiloku ecabanga lowo 'munta azondwa uye. E! Nokupupa kwentombazana ipup' umfana, yiyona le'ndaba. Akuso imiti eyipupisa, yiko okwayo ukucabanga nokukumbula nokufisa eputshiswa yiko.

3. Kukona amapupo atunywa ng'uNkulunkulu. T. d. 18, 20, 23, 24, 54, 90. T. t. 7, 8, 75. Ke, la kung'uye uNkulunkulu otuma ipupo, ng'uye futi ozaumqondisa umuntu ukuti uye olitumile, nokuti lona liqondisa-ni na. Pela, akuyi ngokuzitsholo kwomuntu, eti, uputshiswe uNkulunkulu; kukona iziqamiso ezitize ezifakazela ukuti kusebenze uNkulunkulu lapo. Ukunquma indaba enjalo, ng'abakulu beBandhla abangayinquma bona bodwa. EnCwadini ey'ingew. kutiwa: «*Uma kuvuka pakati kwenu umprofete, kumbe oti, upupe ipupo, ab'es'ebikezela isibonakaliso noma isimangaliso, besokwenzeka akutshilo, ab'es'eti: "Asihambe, silandele abanye onkulunkulu ongab'azi, sibakonze", ungalaleli akutshoyo umprofete lowo kumbe isipupi leso, ngobapela inKosi, uNkulunkulu wenu, iyanivivinya, kuhlaluke noma niyamtanda yini ngenhliziyo yonke nangompefumulo wonke. . . . Kepa umprofete lowo, isipupi leso asibulawe, ngoba, ukukuluma kwaso, sakulumela ukunipambukisa enKosini, uNkulunkulu wenu.* [1]) «*Abay'izilima bayaziqenya ngamapupo. Njengofun' ukubamba itunzi, njengogijimel' ukufica isivunguvungu, unjalo okolwa amapupo ang'amanga. Nazi izinto ezifanayo: amapupo aputshwayo nomfanekiso womuntu opambi kwobuso bwomuntu. . . . Ukubula okung'amanga . . . nokupupa* (kwabantu ab'enza okubi) *kul'ize. Nanjengenhliziyo yobeletayo, kanjalo neyako iyapanjwa amapupo al'ize; uma kunge uNkulunkulu otume leyo'nto evelile, ungayipenduleli inhliziyo yako; ngobapela baningi asebapanjwa amapupo, baduka bekolwa yiwo.*» [2]) UNkulunkulu angatuma amapupo ngoba etand' ukuvusa inhliziyo yomuntu owonileyo:—«*UNkulunkulu uyakuluma kube kanye, akapindi okonakona kabili: kuti ngepupo, ngombono was'ebusuku, uma ubutongo obukulu bwehlele abantu, belele embedeni wabo, lapoke uvula izindhlebe zabantu, abafundise, abaluleke ngokuxwayisa, ukuze ambuyise umuntu kwakwenzile, amopule ekuzidhleni kwake, asindise umpefumulo wake ekububeni, asindise impilo yake ingadhluli idhliwe isinkemba.*» [3])

[1]) 5. Mos. 13,1-5.—[2]) Sir. 34,1-7—[3]) Job. 33,14-18.

4. Ukuba nga usatana namademone ededelwa uNkulunkulu apupise umuntu, kung'ezwakala ngabakulu beBandhla, njengoba kuzautshiwo esahlukwaneni esizayo.

497. Ukukolwa amabika kuy'isono na?

Ukukolwa amabika kungaba isono, uma kutenjwa ngempela amandhla angeko; kungaba ubulima bwodwa nje futi.

Njengoba isihlabamhlola (*number* 468 (l)) siy'into engeko, kanjalo nebika liy'into engeko. Ati-ke umuntu uma etemba amabika noko, etemba belu amandhla angeko, epikelela ukuti akona, kuyabonakala ukuti uyampika uNkulunkulu umNini'mandhla onke.

Kepa, uma umuntu etsho nje, eti, ngoba kuvele isilokazana sokuti kumbe into yokuti, selizakuna, kumbe ati, us'ezauhlatshwa inhlanhla yokuti, kodwa engayicabangisisi indaba, engatembi 'luto ngempela, uyafana nesilima nje, esitsho ukuti, ngoba nesinye isilima satsho njalo.

Aike, amanye amabika angaba into ekona. Kanjalo kuy'aziwa ukuti, uma izinkonjane sezindizela pansi, zibika imvula. Kanti kwenziwa yini? Kwenziwa ngoba împukane nezinye izilokazana ezing'ukudhla kwênkonjane kazitandi ukupakama, la selitand' ukuna, songati zizondana namanzi as'emoyeni wangapezulu. E! Umuntu osileyo uy'ahlukanisa into ekona nengeko, avume ekona, angayinaki engeko.

Ukubala zonke izinto nezintwana, abantu abamnyama abati zikona zingeko, nabati ziy'enzeka zing'enzeki, bekuzakuba incwadi ngokwako. Singakombisa nje amakolwa indhlela yokupepa ukwona ngokwahlukanisa into ekona nengeko, siti:

1. Ikolwa elisileyo, njengoba lingafuni ukwona ngokukolwa amanga nangokupikelela amandhla angeko, **alina'kukolwa** ukuti nokuti nokuti-ni **ngoba kutsho abadala,** lokupela ukutsho kwabadala okuninginingi **kupambene nokutsho kwengqondo nokuka'Nkulunkulu.**

2. Ikolwa **liyasebenzisa ingqondo** eliyipiwe uNkulunkulu, **lizwe** nezikutshoyo **izazi.**

Beselit' uma libona ukuti, impela into yokuti y'into ekona, ngoba uNkulunkulu uyidalile, uyidalele amandhla okuti, likolwe iyo, liyitembe.

Liti-ke uma libona ukuti, qa, kuy'into engeko, lingakolwa iyo, lingayitembi, noma kutsho bonke abadala.

Lit'uma lidinga, linganqumi-ke, lingaze lati, kuyinto ekona ngoba kutsho abadala, yikona lingayikwona, loku linganqumile.

Osebenzisa kanjalo ingqondo yake, angabona ukuti nomteto omkulu lowo, abesifazana abanawo ngokutsho kwabadala, *owokuzila* belu ukudhla okutize nezindawo ezitize, ul'ize. (a) UNkulunkulu akazange adalele izinyamazane nezinyoni amandhla *anjengofuza*. Inyama yazo y'inyama njengeyazo zonke ezinye izilwane. E! Opikelele noko ukuti owesifazana ufuzisa izingane zake ngokudhla inyama enjalo, uyapikelela amandhla angeko. (b) UNkulunkulu akazange aqambe umteto wokuti, uma owesifazana onako anako *edhla amasi, engena esibayeni, edabula enkundhleni,* kufe izinkomo, zicanse, ubisi lupenduke igazi noma kube njani. Osuk' epikelela noko amanga anjalo, uy'ona, loku epikelela njalo amandhla angeko.

6.

Ukulumba kuka'satana namademone, nokwahlulwa kwako.

a.

Ukusebenzisana kwaosatana nomuntu.

Ukuti: **Usatana namademone bangasebenzisana nomuntu.** sokw'ezwakala ku'*numbers* 441 & 442.

Ukuti: **Ukusebenzisana okunjalo akwenzeki njalo.** kw'ezwakala ku'*number* 443.

1. Njengoba kupambene nokolo oluyilo ukuba umuntu akolwe ukuti usatana namademone bayasebenza lapo bengasebenzi kona, kanjalo kupambene nalo futi ukupika ukuti bangasebenza empefumulweni nas'emzimbeni womuntu nakwezinye izinto ezidaliweyo.

2. Ukusebenzisana, *kungasuka usatana kumbe amademone, batume umuntu,* ahambe alinge, *'onise abantu,* kumbe ahambe *'one impilo noma enye into yomuntu,* abe *umtakati* pela osebenza ngamandhla ka'satana namademone, kumbe abe *umlomo wabo,* abe *umngoma* belu. Kodwa bangeke bamtume, uma yen' umuntu engavumi.

Futi-ke, *kungasuka umuntu, afune ukusizwa* usatana namademone, yikona ezausebenza yona leyo 'misebenzi esikade siyitsho.

3. Okungavimbela ukusebenzisana okunjalo, naku! Kung'ala *umuntu,* ngoba uNkulunkulu kabanikanga usatana namademone amandhla okwahlula intando yomuntu, uma umuntu engavumi. Kung'ala *usatana namademone,* b'aliswe ukuzidhla; nempela bangeke bavume ukuba izicaka zabantu, *ngoba* kutsho bon' abantu, kungeko into enkulu abayibangayo usatana namademone. Bang'aliswa futi ukubona ukuti akuswelekile, ngoba abantu bebakonza kakade. Kung'ala *uNkulunkulu,* engadedeli usatana

namademone nabantu ukuba basebenzisane kanjalo. Kungako-ke *nokuqalekisa okuyiko,* la kutand' ukuba umuntu 'oniwe ng'usatana namademone, akuna'mandhla zonk' izikati. Aike, okutiwa ng'*ukulokotela nokuningela nokuhlolela nokuqalekisa nje,* imvama yako ngempela, kul'ize kakade.

4. Sokw'ezwakala ku'*number* 442, 2 & 3 ukuti usatana namademone bang'enza imilingo mini. Ke, kus'obala ukuti, uma uNkulunkulu ebadedela, bangasiza ngayo nomuntu omubi abasebenzisana naye. Kanti uma kuyiloku, akusebenzi amandhla *omuntu* ong'umtakati onjalo, akusebenzi namandhla emiti yake, sekung'amandhla *ezingelosi* ezimbi asebenzayo.

b.

Ukungenwa nokwenziwa usatana kumbe amademone.

498. Umhlola omkulu, umuntu ang'enziwa wona usatana namademone, ng'umupi na?

Umhlola omkulu, umuntu ang'enziwa wona ng'usatana namademone, ng'ukungenwa nokwenziwa yibo.

1. Uma kukona loku, *umzimba* womuntu ausabuswa ingqondo nentando yake, us'uy'enziwa abawungenile. Ukukuluma kwomlomo walowo 'muntu, akusazikulumeli yena, abakuluma ngawo yibo abamngenile. Ukusebenza kwezandhla nênyawo nasip' isito sake, yibo abasebenza ngazo. Kodwa, njengoba sesatsho, kabana-'mandhla okungena *umpefumulo* wake; ingqondo nentando yake ingeke yenziwe, ibuswe, ipoqwe yibo.

Omunye umhlola, ongconywana wona, ng'owokuba umuntu angangenwa kambe usatana namademone pakati emzimbeni, *nje yibo ngapandhle.*

Futi, njengoba *umuntu* angangenwa, ahlalwe usatana namademone, kanjalo *nendawo* yake, *indhlu* yake, *impahla* yake *ingangenwa, ihlalwe* yibo.

Aike, la usatana noma amademone bededelwe ukungena nokuhlala umuntu noma into nje, imvama bayahlupa kabi ngemigidi nemilingo yabo e'nhlobonhlobo.

Ukubadedela usatana namademone, b'enze imihlola enjé, uNkulunkulu ang'enzela-ni na?

(a) Ang'enza ngoba etand' ukuba kuhlaulwe izono ez'esabekayo ezidala, noma z'enziwa abanye, noma z'enziwa yilowo os'ehlutshwa yibo.

(b) Ang'enza futi ngoba ebona izono asenazo lowo 'Bani os'ehlutshwa yibo, etand' ukuba apenduke.

(c) Ang'enza futi ngoba ebona ukulunga kwalowo 'Bani, etand' ukumvivinya nokumlungisa, alungisise. Nas'eziCwetshi-

sweni uqobo kukona ezake zangenwa usatana.

(d) Ang'enza nangoba ebona akubonayo, ebanga akubangayo. Kanjalo emihleni ka'Jesu nabApostole uNkulunkulu wadedela usatana namademone, bangene abantu abaningi, babahlupe, babagulise, bab'enze-ni,*) 'enzela ukuba kuhlaluke ukwahluleka kwabo b'ahlulwa umSindisi wetu, inDodana ka'Nkulunkulu. Njengaloko uNkulunkulu angadedela usatana namademone ukuba bangene nomuntu olungileyo, singaxwaya kakulu, singanqumi, siti, kwenzeke ngoba lowo 'Bani emubi.

499. Ukunquma indaba yokuti, yibo yini osatana namademone abasebenzayo, kungazinqumela yini yilowo nalowo 'muntu na?

Ukunquma indaba yokuti, yibo yini osatana namademone abasebenzayo, akuyilowo nalowo 'muntu ongazinqumela yona; inganqunywa y'izazi nabapete amandhla okuyala usatana namademone.

Kungafuneka izazi, ngoba kutand' ukwaziwa, noma leyo'nto ekona ku'Banibani kumbe entweni yake izivelele yini, noma yenziwe ngamandhla adhlula awomuntu, na? Ngoba oy'isilima nongafundile kakulu angatshetsha ati, kuyawadhlula amandhla omuntu, ati, kungezivelele, inganti akuwadhluli, kuzivelele. Kodwa noy'isazi ang'ahluleka. Ong'ahluleki yilowo opete amandhla okuyala usatana namademone; onjalo, uma kukona okumsolisayo, angayala idemone, ati, aliziveze ngento etize ebonakalayo kumbe ezwakalayo, uma likona; lona-ke libe nomteto ngempela wokuziveza lapo, ngoba ukuyala loko, kuyalwa ngamandhla ka'Nkulunkulu.

E! Amakolwa ang'abantu ngaexwaya kakulu lapa, angaze ati, izifo zokuti nezokuti nokwonakala kwokudhla nokwani nokuti-ni nokuti-ni kusetshenzwe amadhlozi kumbe abatakati, ati, bakusebenzile ngamandhla ka'satana namademone (*numbers* 456, 3. 4. 8. 460; 468), funa baduke kabi, b'one kakulu. Ngoba (1) ukwoniwa kwempilo nomzimba nokwezinye izinto zomhlaba ng'usatana namademone aku'nto yemihla ngemihla, njengoba sesapindapind' ukutsho; (2) nalapo kukona, akuso ikolwa elil'ikolwa nje elinganquma indaba, liti kukona, kungakatsho izazi nabapete amandhla, ababishopu nabapriste pela.

*) T. t. 19,28.—Matth. 7,22. 8,31. 9,34. 12,24.—Mark. 1,34.39. 9,37. 16,9.—Luk. 4,33. 10,17. 13,32.—Enz. 10,38.

c.

Ukwahlula amandhla ka'satana namademone.

500. Lapo kusebenza kona amandhla ka'satana namademone, ang'ahlulwa ngemiti nangalip'isu *lomuntu* yini na?

Qabo, lapo kusebenza kona amandhla ka'satana namademone, angehlulwe nga'miti nalip' isu *lomuntu.*

1. Umuntu ng'umuntu. Ingelosi y'ingelosi. UNkulunkulu ng'uNkulunkulu. Umuntu angagwamelana nomuntu, amahlule. Ingelosi ingagwamelana nengelosi, iy'ahlule. Umuntu loku eng'umuntu nje, angegwamelane nengelosi; kepa ingelosi ing'amahlula umuntu, loku amandhla ayo emakulu kakulu kunawomuntu (*number* 436). UNkulunkulu-ke wahlula konke, noma kuy'ingelosi, noma kung'umuntu, noma kuy'ini; yingoba konke okunamandhla kuwatolile kuye.

2. Manje-ke, abantu uma b'ehlelwe ukufa noma ukuhlupeka kuni nje, banuka amadhlozi kumbe abatakati. Sesibonile ukuti ukunuka loku kul'ize, ngoba amadhlozi nabatakati, bona ngokwabo, bengena'mandhla anjalo. Kanti noko abantu b'elapa umhlola, ai isifo sodwa. Ke, ukwelapa wona umhlola, bayaya *ezinyangeni*, yikona *umhlola* uyakwelatshwa *ngemiti nangemigidi yazo.* Poke, uma kung'umhlola womtakati yena ngokwake njena, kuyabonakala ukuti bekuzakuba umhlola womuntu nje, kube *umhlola onge'mhlola,* loku amandhla omuntu ng'amandhla omuntu kupela. Kepa-ke, uma kung'*umhlola oyiwo,* ngoba okusebenzayo kunge-'mandhla omuntu njena, kung'amandhla ka'satana namademone pela, umhlola lowo oyiwo awelapeki ngemiti nangemigidi ya'muntu, ngoba amandhla *ezingelosi* ezinhle nezimbi angehlulwe amandhla omuntu. Kuyabonakala-ke ukuti kuy'ahluleka lapa wonke umuntu *oumuntu nje,* omnyama nomhlope nonjani.

3. Angati-ke ubani: "Qabo, umhlola w'elapeka ngemiti nangemilingo yezinyanga, ikakulu ezamadhlozi, ngoba eyazo imiti nemikuba itat' amandhla ayo kuyena usatana, kuwona amademone." Amanga-ke! Nang' uJesu uqobo eqeda le'ndaba! Ngoba wat'uma ekipa idemone ngelinye ilanga, *abanye pakati kwabo bati: "Kuya ngoBeelzebub, inkosi yamademone, ukuba ekipa idemone". . . . Kepa yena* (uJesu) *wat'ukubona imicabango yabo, wati kubo: "Wonke umbuso ohlukene wodwa uyakuciteka, nendhlu iwele pezu kwendhlu. Po inxa usatana ehlukene yedwa, uyakuma kanjani umbuso wake na? loku niti, mina ngikipa amademone ngoBeelzebub. Po, uma mina ngikipa amademone ngoBeelzebub, abantabemu bawakipa ngobani na? Ngako-ke*

bona boba abokunquma icala lenu. Kanti ukuba ngikipe amademone ngomunwe ka'Nkulunkulu, kufikile kinina ngempela umbuso ka'Nkulunkulu." [1]) Naku futi akulandayo uJohannes ocw., eti: »*Abuya-ke amaJuda 'ahlukana engavumelani ngab'ekutshilo* (uJesu). *Abaningi pakati kwabo bati: "Unomoya omubi* (idemone), *uyahlanya; po-ke, yini ukuba nimlalele na?" Abanye bati: "Loku 'kukuluma akuso okwongeniwe idemone; lokupela umoya omubi* (idemone) *ungevule amehlo empumpute".*«[2]) E! Uma kung'usatana uqobo omonile umuntu ngakusebenzayo kuye, akuyena owenza umuti wenyanga amandhla okubulala umsebenzi wake. Nalapo kung'amanye amademone ake asebenzayo, akuyona inkosi yawo ebulala umsebenzi wawo, inganti owawo ng'owayo. Aina'kucita umbuso wayo! Futi, aina-'kuhaukela umuntu, loku imzonda (*numbers* 439-440).

Ngako-ke kus'obala isibili ukuti, noma labo okutiwa ng'abatakati bebeng'abatakati abayibo ngokuba besebenza ngamandhla ka'satana namademone, **yonke imiti nemigidi yokuvimbela nokupunga umhlola neyokwahlula abatakati il'ize leze.**

501. Lapo kusebenza kona amandhla ka'satana namademone, ang'ahlulwa amandhla ka'bani na?

Lapo kusebenza kona amandhla ka'satana namademone, ang'ahlulwa amandhla ezinye izingelosi, nangaka'Nkulunkulu.

502. Lawa 'mandhla okwahlula usatana namademone, uNkulunkulu anawo, ayafumaniseka nalapa emhlabeni na?

Yebo, lawa 'mandhla okwahlula usatana namademone, uNkulunkulu anawo, ayafumaniseka nalapa emhlabeni ku'babishopu nabapriste beBandhla elikatolike lona lodwa.

1. UmSindisi wetu uJesu 'Kristo, ey'inDodana ka'Nkulunkulu, unawo lawa 'mandhla. Naku kutiwa: «*InDodana ka'Nkulunkulu, ukuvela kwayo* (lapa emhlabeni), *yenzele ukucita imisebenzi ka-'satana.*» [3]) «(UKristo) *w'amuka iziKulu namAndhla* (amademone ay'izingelosi zalawo 'maviyo) *izikali zawo, wawatumba egabile, wahlalukisa obala ukuti uzinqobele wona.*» [4])—*Number* 163,1.

2. Lawa 'mandhla uJesu wawashiya ku'bApostole bake (*number* 309). Naku kutiwa: «(UJesu) *wabiza abafundi bake aba-l'i12, wati ab'eze kuye, waes'ebapa amandhla okwahlula imimoya engacwebile* (usatana namademone), *bayikipe. . . . Laba-ke abal'i12 uJesu wabatuma, es'ebayalile ete: " . . . Hambani, niyekushumayela niti: "Umbuso wezulu usondele." Pulukisani*

[1]) Luk. 11, 15-20.—[2]) Joh. 10, 19-21.—[3]) 1. Joh. 3,8.—[4]) Kol. 2,15.

abagulayo, vusani abafileyo, hlanzani abanoqoko, kipani imimoya emibi (usatana namademone)*!*" [1]) Waebanika wona naba-Fundi aba'ma72, njengoba naku kutiwa: «*Aba'ma72 babuya babuyela, betokoza, bati: "'NKosi, nemimoya emibi iyasilalela ngcgama lako*". [2]) Wati futi: «*Abakoliweyo bayakulandelwa yilezi 'zibonakaliso: Ngegama lami bayakukipa amademone,* . . . [3])

3. Lawa 'mandhla abApostole babewasebenzisa, noma uJesu esekona emhlabeni noma engaseko. Naku okw'enzeka eMakedonia; kutiwa: «*Sati* (uLukas noPaulus noTimotheus) *sihamba siya endhlini yokukuleka, sapambana nesiggila, owesifazana belu, esasinomoya wokubula, sizuzela abaniniso inzuzo enkulu ngokubula kwaso. Sona-ke samlandela uPaulus kanye nati, samemeza sati: "Laba 'bantu ng'abantu baka'Nkulunkulu, uPezukonke, abazonibikela indhlela yokusinda." Ke, s'enza njalo izinsuku eziningi nje. Kepa uPaulus wat'ehlatshwa inhliziyo, wapenduka, wati kuwo umoya lowo: "Ngiyakuyala ngegama lika'Jesu 'Kristo, ngiti, puma kuso!" Wapuma-ke ngasona leso 'sikati. Kwati-ke, uma abaniniso babona ukuti itemba lokuzuzelwa yiso imali lipelile, bambamba uPaulus noSilas, babayisa kwabakulu . . .* » [4])

Nans' indaba yas'enCwadini eyingcw. okuzwakala ngayo ukuti, uma kwenza ongena'mandhla, ongena'mvumelo, ongena'nhliziyo eyiyo, angakoliseka. Kutiwa: «*UNkulunkulu w'enza izimangaliso ezing'andile ngezandhla zika'Paulus* (eEfesus), *kwaza . . . kwapuma nemimoya emibi* (amademone) *kubo* (abagulayo). *Kepa nezinyanga ezitize zokwelapa imihlola, amaJuda, ezazihambahamba ngalapa nangalapa, zalinga ukubizela ababengenwe imimoya emibi igama lenKosi uJesu, ziti: "Ngiyaniyala ngo-Jesu, uPaulus ashumayela ngaye." Ke, zazing'abafo abatize beJuda, uSkevas igama lalo, umprist'omkulu, zi'si7, yizo ez'enza loku. Ke, umoya lowo omubi wapendula wati kuzo: "UJesu ngiyamazi kambe, noPaulus ngiyamazi futi; kanti nina niobani konje?" Umuntu, umoya lowo omubi kakulu owaukuye, waes'exuma, exumela zona, wabamba ezimbili, waz'ahlula zaze zabaleka zihamba-ze zilimele futi. Aike, kwaduma loku kubo bonke, amaJuda nabezizwe, abab'ake eEfesus; bonke b'ehlelwa uvalo, latuseka-ke igama lenKosi uJesu.* » [5])

4. Lawa 'mandhla okuyala nokuhebeza nokukipa amademone asekona nanamhla eBandhleni eliyilo lika'Nkulunkulu, ngoba "abApostole kabafi", akona kulo lodwa. E! Ng'ababishopu

[1]) Matth. 10,1. 5. 7-8.—[2]) Luk. 10,17.—[3]) Mark. 16,17.—[4]) Enz. 16, 16-19.—[5]) Enz. 19,11-17.

nabapriste beBandhla elikatolike abawapete (*number* 345, 3, (b)). Nembala, usatana namademone bayabalalela, njengoba babelalela uJesu nabafundi bake.

Aike, njengaloko kuy'into ekona ukuti abafundisi bamabandhla *onke* amaProtestante bay'ahluleka lapa, ngoba ubupriste obuyibo bungaseko nakulipi, abanye bayapika ukuti into enjengokungenwa nokwenziwa usatana namademone ingaba kona; bati, kuy'isifo nje esinqabileyo. Kanti nampa ababishopu nabapriste beBandhla elikatolike bes'elapa lesi"'sifo esinqabileyo", esona s'ahlula bonke odokotela nabo bonke abafundisi labo; bas'elapa ngegama nangamandhla ka'Nkulunkulu, ai ngemiti.

503. Ababishopu nabapriste bayawasebenzisa amandhla okuyala amademone, la b'enza-ni na?

Ababishopu nabapriste bayawasebenzisa amandhla okuyala amademone, la bewahebeza, bewakipa ku'muntu noma entweni, nalapo begoma.

Yilawa 'mandhla abawasebenzisa ababishopu nabapriste,

1. la bekipa amademone ku'muntu ongeniwe yiwo. Ukwahluleka, kabana'kwahluleka. Kepa noko kungaba lukuni ngezinye izikati, njengoba kwaba njalo naku'bApostole. Okwenzeka naku: *Wati* (uJesu) *es'efike esixukwini, kwavela kuye umuntu owat' ekuleka ngokuguqa ngedolo, wati: "'NKosi, auhaukele umfana wami, ngoba uyahlanya, uhlutshwa kabi, ngobapela kaningi uwela emlilweni, kaningi nas'emanzini. Ke, ngimyise ku'bafundi bako, bona b'ahluleka ukumpulukisa." Aike, uJesu wapendula wati: " . . . Mleteni lapa kimi!" UJesu waes'emyala, umoya omubi wapuma-ke kuye; umfana waes'esindile seloku kwaba yileso 'sikati. Abafundi-ke basebeya ku'Jesu ngas'ese, bati: "Kuya ngani ukuba tina s'ahluleka ukuwukipa na?" UJesu wati kubo: "Kuya ngokungakolwa kwenu. Ngoba ngiqinisile ngiti kinina: Ukuba ninokolo olunganyenhlamvana yesinapi,*[1]) *niyakuti kule'ntaba, suka lapa uye lapo, isuke-ke, ningaze n'ahlulwa 'luto. Kepa lolu 'luhlobo* (lwamademone) *kalukitshwa kunye ngokukuleka nokuzila ukudhla".*[2])—Yiwona lawo 'mandhla abawasebenzisayo,

2. la behebeza, bekipa amademone entweni noma endaweni engeniwe, ehlaliwe yiwo;

3. nalá bewayala, uma kubonakala ukuti agulise umuntu. Uma kukona loku, kuy'ahluleka zonke izinyanga nabo bonke odokotela. Imvama, kut'uba kuqedwe amandhla ka'satana, kupele nesifo. Kodwa ngezinye izikati isifo esabangwa usatana noma

[1]) Yiko okutiwa ngesiNgisi *mustard.*—[2])Matth. 17,14-20.

idemone sesingagulisa umzimba njengesizivelele. Kuti-ke uma amandhla ka'satana engakaqedwa, imiti yahluleke; kepa kut'uba wona apele ngokuyala kwompriste, isifo sisale ses'elapeka njengazo zonke izifo nje. — Yiwona lawo 'mandhla futi, abawasebenzisa ababishopu nabapriste,

4. la begoma abantu nezinto. Sesakomba ku'*number* 482 ukuti, nakuba ukuduka kwabantu abamnyama ngendaba yokutakata nokwelapa umhlola kwesabeka, noko indikimba yayo il'iqiniso. Indikimba yayo ng'ukuti, kukona amandhla amabi afun' ukwona abantu nezinto. Lawa 'mandhla ng'awomtakati wohlobo, usatana pela. Ukuti yena wawatola kanjani, sokw'ezwakala ku-*'numbers* 88 & 90. Ekugcineni kuka'*number* 172 kwabuya kw'ezwakala ukuti umSindisi wetu, uJesu 'Kristo, inDodana ka'Nkulunkulu, wasebenzela abantu nezinto amandhla okukitshwa emandhleni ka'satana. **E! Lapo abantu abamnyama abang'amaqaba belwa namandhla amabi ngamandhla angeko, ngelize pela, kona lapo abeBandhla eliyilo lika'Nkulunkulu bayaw'ahlula amandhla amabi ngamandhla ka'Nkulunkulu.**

Aike, ukugoma kwababishopu nabapriste, kubili abakwenzayo. Baqala *bakipa* okugonywayo emandhleni ka'satana namademone, bakuvimbele amandhla abo. *Besebekucelela* inhlanhla ku-'Nkulunkulu. Kuko kokubili baumlomo ka'Jesu noweBandhla futi.

Njengoba kutand' ukuba amakolwa avela ebuqabeni azwisise le'ndaba, naku ukugoma okubili okuvam' ukwenzeka:

(a) Ukugonywa kwobatshatizwayo. Ngapandhle kwokusetshenzwa ngamafuta agonywe umbishopu nangosaoti ogonywe umpriste, uyagonywa naye uqobo ngokuba umpriste ombapatizayo emyala usatana, eti: «*Wena 'moya ongacwebile, ngiyakuyala ngegama lika'Yise + benenDodana + noMoya + ocwebileyo, ngiti, puma, usuke kulo'muntu ka'Nkulunkulu; ngobapela okuyalayo, wena 'sijezi esiqalekisiweyo, ng'uYena lowo owahamba ngênyawo pezu kwolwandhle, w'elulela uPetrus esokunene la watand' ukucwila. Ngako-ke, 'satana oqalekisiweyo, y'azisisa izwi elikujezisayo . . . .*»*) — Ukumcelela inhlanhla ku'Nkulunkulu, ukumhlahlamelisa pela, kugcwele emikulekweni yas'embapatizweni.

(b) Ukugonywa kwentelezi ey'ingcwele okutiwa amanzi ay'ingcwele. Kuqala kuyalwa usaoti «*ngoNkulunkulu + opilayo, ngoNkulunkulu + ong'uye, ngoNkulunkulu + ocwebileyo . . . yikona kuzausuka, kubaleke lapo ecelwa kona wonke umbono nobubi nobuqili buka'satana lowo okohlisayo, kubaleke kona wonke*

*) Ng'amazwi as'enCwadini yemininingwane ey'ingcwele *(Ritual)*.

umoya ongacwebile, ngokuba usuk' uyalwa yilowo oyakuza anqume indaba yabasekona nabafileyo neyomhlaba ngomlilo.") Ab'es'ecelelwa inhlanhla, kutiwa, uNkulunkulu *amhlabe inhlanhla, amcwebise.* ") — Besekuyalwa amanzi *ngegama lika'Nkulunkulu uYise + umNini'mandhla onke, nangegama lika'Jesu 'Kristo +, inDodana yake, inKosi yetu, nangamandhla oMoya + ocwebileyo, kube amanzi agonyiweyo, yikona ezaulungela ukubalekisa amandhla esita* (usatana belu) *noma ng'amapi, nokusisipula nokusikipa sona isita kanye nezingelosi zaso ezahlubuka, kwenzeke ngamandhla enKosi yetu uJesu 'Kristo.* ") Abes'ecelelwa ku'Nkulunkulu ukuba *Yena atele kuwo amandhla okuhlahlamelisa kwake, ukuze amanzi lana adaliwe uye atole amandhla exotsho lika'Nkulunkulu, amandhla belu okuxotsha amademone nokususa izifo, yikona koti, noma iyipi into ecelwa ngawo ezindhlini nas'emizini yamakolwa, ingabe isangcoliswa, ingabe isaba na'cala, kungaze kwahlala kona ingelosi ebulalayo, nomoya obubisayo, kupele kona onke amacebo esita esingacatsha kona. . . .* ")—Kut' uba kuxutshaniswe usaoti namanzi *ngegama lika'Yise benenDodana noMoya ocw.*,") kubuye kukulekelwe, besokulunga-ke intelezi leyo enkulu yamakolwa.

Aike, kuninginingi okugomekayo, njengoba kuyakuzwakala esahlukweni samasakramentale.

504. Ukuba umuntu asizakale ngezinto ezigonyiwe abapriste, kusweleke-ni na?

Ukuba umuntu asizakale ngezinto ezigonyiwe abapriste, kuswelekile itemba eliyilo.

1. Itemba eliyilo lisekelwa ngokubili. Lisekelwa

(a) ukolo oluyilo. Os'eqonda indaba ka'Nkulunkulu, nendaba ka'Nkulunkulu nosatana, nendaba yomuntu nosatana uy'azi ukuti omkulu umsebenzi ka'satana namademone lapa emhlabeni ng'ukulinga abantu nokuzamela ukub'onisa. Uy'azi futi ukuti *ngezinye izikati* usatana namademone bang'ona nomzimba womuntu kumbe ezinye izinto zake. Kodwa uy'azi futi ukuti uNkulunkulu umnike umuntu amasu okuhebeza usatana namademone ake nokub'ahlula: intando, amandhla okuz'enzela pela, ixotsho eliewebisayo, amaxotsho asizayo, amandhla okuyala usatana namademone aku'babishopu nabapriste, intelezi ey'ingewele, nezinye izinto zonke ezigonyiweyo nezihlahlamelisiweyo. Uy'azi futi ukuti kuy'into inye zwi eyenza ukuba usatana abe namandhla ngempela ku'muntu, isono. Konke okunye kus'ekutandeni kuka'Nkulunkulu. —Itemba eliyilo lisekelwa futi

") Ng'amazwi as'enCwadini yemininingwane ey'ingewele *(Ritual)*.

(b) ukulunga. Uma umuntu elungile ngoba isono esibubisayo nesibomu sokus'enza asiko kuye nangoba inhliziyo yokuhlaula nokulungisa izono ezidala ikona kuye, uy'azi ukuti akuko 'nto kuye enika usatana namademone amandhla okumona nokumonela. Uy'azi futi ukuti utandeka ku'Nkulunkulu. Umelwe-ke ukutemba ku'Nkulunkulu. Ngako-ke umelwe ukutemba nezinto lezo ezigonyiwe, ezihlahlamelisiwe ngamandhla avela kuye. Futi, njengoba elungile, uyayivuma intando ka'Nkulunkulu zonk' izinsuku, etsho ngenhliziyo eti: «*Intando yako may'enziwe emhlabeni njengas'ezulwini!*» Enenhliziyo enjalo, kana'kuxabana no-Nkulunkulu, atete, adumaze, uma uNkulunkulu engapezisi konamanje uhlupo olutize, noma luzivelele, noma luvele ku'bantu ababi noma ku'satana namademone.

2. *Itemba elingeyilo* livela

(a) okolweni olungeyilo. Lwonakele ukolo lwoti, into egonyiweyo, ehlahlamelisiweyo *yona ngokwayo* isebenza *konke*. Singakomba lapa indaba yezinyanga lezo ezi'si7 ezokwelapa imihlola (*number* 502,3); zati zitemba lona igama lokuti uJesu ngokwalo lodwa, zakoliseka kabi. Kunjalo nalapa. Osuk' engenalo ukolo oluyilo, engenayo inhliziyo efaneleyo, njengoba kade sitsho lapo pezulu, uy'ona ngokutemba into egonyiweyo ehlahlamelisiweyo yona ngokwayo yodwa nje. — Itemba elingeyilo livela futi

(b) ekwoneni. Osemubi ngoba izono ezidala engakazilungisi, kumbe ngoba esaz'enza, kumbe ngoba esenenhliziyo yokuz'enza pambili, ng'uyena uqobo ozifaka emandhleni ka'satana. Ke, ukuzifaka emandhleni ka'satana, uyazifaka kona ngeyake intando. Intando-ke yake aingenwa uNkulunkulu, eselapa emhlabeni. Poke, uNkulunkulu amkipe kanjani emandhleni ka'satana, yena umuntu engatandi, na? amhebezele kanjani lawo 'mandhla engafuni ukuhetshezelwa wona, na? Akwenzeki pela. Po-ke, uma umuntu onjalo etemba noko into egonyiweyo ehlahlamelisiweyo, ati: mina ngokwami angipumi emandhleni ka'satana (etsho pela, loku es'ona, engafuni ukuyeka ukwona), kodwa le'nto egonyiweyo enginayo iyaungisindisa nje, ing'ahlulele amandhla ka'satana, upambekile kabi, uy'ona kabi futi. Naku kutiwa: «*Ukutemba kwabalungileyo kuyababangela intokozo; kepa itemba lababi liyaciteka.*»*)

505 Usatana namademone sib'esabe yini na?

Usatana namademone sib'esabe, njengoba besilinga befun' ukus'onisa, ngoba beng'amaqilikazi asizonda nokusizonda; singab'esabi kwokunye, loku uNkulunkulu emkulu kubo.

*) Ag. 10, 28.

Ikolwa elivela ebuqabeni bwabantu abamnyama, ukuba liqondile into ekona nengeko, *kalisahlali ngovalo lolo lwamaqaba,* ngoba liy'azi ukuti *amadhlozi* wona ngokwawo al'ize; nokuti *labo 'bantu okutiwa ng'abatakati kabasibo;* nokuti *izihlabamhlola* zil'ize; nokuti *umtakati ong'uye,* obulala pela ngomkonto nangobuti, angeke 'one 'muntu, uNkulunkulu engamdedelanga; nokuti akuko 'kusizwa ku'*satana namademone;* nokuti *umtakati ong'uye onjengosatana uqobo* angeke atinte umzimba walo noma into yalo, uNkulunkulu engamdedelanga. Ngako-ke lihlezi inhliziyo yalo itulile, ituliswa l'itemba, itenjiswa amandhla nomusa nomhau ka'Nkulunkulu.

L'azi-ke ukuti kuy'*isono sodwa* es'enz' ukuba usatana abe namandhla ku'muntu, nokuti yiso sodwa esiqed' umuntu itemba lokumtemba uNkulunkulu, sekuyiso elis'esabayo kunazo zonke ezinye izinto ezimbi. Liti-ke liz'azela ukuti sikona kulo, litshetshe lisisuse, libuye lixolelane noNkulunkulu, yikona lizakwaz' ukumtemba futi.

Nalapo sel'ehlelwe ukuhlupeka, lisamtemba njalo uNkulunkulu yena yedwa. Liti-ke limtemba yena yedwa, litembe namandhla avela kuye wona wodwa, noma kung'amandhla, uNkulunkulu awadalele umzimba nompefumulo womuntu, noma kung'awadalele izinto ezinjengemiti eyiyo, noma kung'amandhla afunyaniswa eBandhleni lake eliyilo.

Nank' amazwi as'enCwadini ey'ingcw. apata le'ndaba. Kutiwa: «*InKosi iyo engikanyiselayo, iyo engisindisayo, po, ng'esabe 'bá?* »[1]) «*InKosi iy'isisizi sami; kangiyikwesaba, noma umuntu esuk' efun' ukung'enza-ni.* »[2]) «*Mina, inKosi uNkulunkulu wako, yimi okubamba ngesandhla, ngiti kuwe: "Ung'esabi, ngiyakusiza mina".* »[3]) UJesu wati: «*Nina ening'abangane bami, ngiti kinina: Ning'esabi abangabulala umzimba kambe, bekohliwe kodwa noma bangan'enza-ni emva kwaloko. Ke, ngizaunitshengisa enganimesaba: y'esabani ot'uma ebulele, abe namandhla okuponsa futi esihogweni. Impela, ngiti, mesabani lo!"* »[4]) UPaulus ocw. uti: «*Kanitolanga futi umoya wobugqila, ukuba nihlale futi ngovalo; qa, nitolile umoya wobuntwana, onimemezisa niti: Abba ('Baba)!* »[5]) UJohannes ocw. uti: «*Utando olupeleleyo* (ukumtanda uNkulunkulu ngempela) *luyalususa uwalo.* »[6])

[1]) Hlab. 26,1. — [2]) Hlab. 117,6. — [3]) Is. 41,13. — [4]) Luk. 12,4-5. — [5]) Rom. 8,15. — [6]) 1. Joh. 4,18.

III.
Ukuzixabelela.
nesono sika'Simon.

506. Umuntu uyazixabelela ngesixabelelo, uma 'enza-ni na?

Umuntu uyazixabelela ngesixabelelo, uma 'ona into ey'ingcwele.

Uma emaqabeni umuntu eponsa itambo lenkomo kumbe elembuzi *ebongile* enjeni, kutiwa "uyabaxabelela" abas'ekaya, ngoba nangu 'ona into et'ibongile ibe y'into yamadhlozi. Kwazis' ukuti namaqaba ayaz'azela ukuti, into esuk' is'iyahlukaniselwe okunjengoNkulunkulu kuwo, y'into "ey'ingcwele", etand' ukuhlonitshwa; ati-ke umuntu uma engayihlonipi, azitolise yena, atolise nabanye icala elikulu.

Aike, into *ey'ingcwele ngempela* kaiko emaqabeni, loku into ey'ingcwele kuy'into ka'Nkulunkulu ong'uye, njengoba sekw'ezwakala ku'*number* 324. E! Osuk' epata kabi, osuk'ona into ey'ingcwele uyazixabelela.

Izixabelelo z'enzeka

1. ngokupata kabi nokwona *into ey'ingcwele ey'into nje:*— izitsha eziy'ingcwele nezinye izinto zas'esontweni—imifanekiso nezinsalelo zeziCwetshiswa—ukwamukela isakramente ngokungeyiko—ukugcina imissa nokwamukelisa amasakramente nokwenzani, ubupriste bungeko—ukwapuca iBandhla eliy'ingcwele imfuyo yalo. Z'enzeka

2. ngokwona *indawo ey'ingcwele*, noma kuy'indhlu yesonto, noma kus'emalibeni amakolwa. Kwenzeka ngokulimaza (ukucita igazi) nokubulalela kona umuntu—ngokungcolisa indawo enjalo ngamanyala atize apambene nomteto wesi6 ka'Nkulunkulu—ngokulahla kona umuntu obandhlululiweyo—ngokudiliza indhlu enjalo —ngokweba into yas'endaweni enjalo esebenzela inkonzo yakona —ngokwona amaliba—ngokwenza kona okung'enzelwa inkonzo yakona (okunjengokutengisela endaweni enjalo).—Z'enzeka

3. ngokupata kabi nangokwona *umuntu ocwebileyo* oy'isetulo senKosi uNkulunkulu, njengababishopu nabapriste nabo bonke abas'endhleleni yobupriste, uma begqokisa okwabapriste, nezindela. Kwenzeka ngokubatshaya ngamabomu, kutukutelwe, kuzondwe—ngokubabulala—ngokuba isetulo sika'Nkulunkulu siz'onela umzimba waso ngokupambene nobumhlope bwenhliziyo—ngokuba umuntu es'onisa kanjalo.

507. Isixabelelo siy'isono esikulu na?

Yebo, isixabelelo siy'isono es'esabeka nokwesabeka, yingoba akuso into yokwobuntu nokwomhlaba eyoniwayo, y'into ka'Nkulunkulu uqobo.

Isixabelelo es'esabekayo yiso esokwamukela isakramente elitile ngokungeyiko; kwenziwa ngoba kul'igazi lomSindisi wetu, inDodana ka'Nkulunkulu, el'oniwa kona, ngoba yilo elisebenza emasakramenteni seloku sawasetshenzelwa ngalo. Es'esabeka kunazo zonke ng'ukudhla nokupuza inyama negazi elibongile lenDodana ka'Nkulunkulu ngokungeyiko, ngokwamukela pela ikomunione sisakonza usatana ngesono esibubisayo; ke, kus'obala ukuti lapo kwoniwa yona inDodana ka'Nkulunkulu uqobo.

Ukwesabeka kwesixabelelo kuyabonakala nangokuba kaninginingi uNkulunkulu uhlaulisa nalapa emhlabeni abantu abazixabelele. Kanjalo uAkan wapohlozwa ngamatshe ngoba waebe împahla ezitile eziy'ingcwele.[1]) AmaFilisti at'uma epangile inDhlwana yesiVumelano, uNkulunkulu owaehlezi kuyo ngesimo sefu, 'ehliselwa ukufa okwesabekayo nohlupo lwezimpuku (T. d. 54 ngas'ekugcineni). UOza etinte yona leyo 'nDhlwana, engesiye umpriste, wafela konalapo.[2]) UBalthassar T. d. 92. UHeliodor wat'uma epanga împahla zas'etempeleni, wafa konalapo.[3]) UAntiokus T. d. 99. 100. UJeróboam, inkosi yakwa'Israel, wat'ub' ati, akubanjwe umprofete otile ka'Nkulunkulu, w'oma konamanje isandhla owaes'eluliile, engasakwazi nokusinyakazisa nje, waza wasinda ngokukulekelwa uye umprofete lowo.[4])

508. Isono okutiwa esika'Simon y'isono sini na?

Isono okutiwa esika'Simon y'isono sokutenga into ey'ingcwele noma isikundhla esiy'ingcwele ngemali noma ngani, nokutengisa ngento enjalo.

USimon ng'uye lowo otiwa "uMagus", okutiwa ngesiNtu "isAngoma", indaba yake eyalandwa ku'*number* 476. Ukwona kwake, wafuna ukutenga ku'Petrus ocw. amandhla obubishopu, awokwehlisela belu abantu uMoya ocw.

Kuyabonakala ukuti lesi 'sono siy'isixabelelo nganxanye, ngobapela kwoniwa into ey'ingcwele ngokuba ifaniswa nento yomhlaba etengekayo, itengeka ngenye into yomhlaba. Owenza isono sika-'Simon angahlauliswa l'iBandhla nangokubandhlululwa.

Ukukipa isicelo seBandhla nabakulu balo, njengoba kuyalwa emtetweni wesi5 weBandhla, kuy'isono sika'Simon yini na? Ukukipa umnikelo wemissa nowombapatizo nowomtshado nowokulahla kuyiso yini na? Qabo, akusiso, loku kungatengwa 'luto, kungatengiswa nga'luto futi. Kukitshwa nje isicelo seBandhla

[1]) Jos. 7.—[2]) 2. Kos. 6,7.—[3]) 2. Makk.3.—[4]) 3. Kos. 13.

licelela izinswelo zalo nezindhleko nesondhlo sababishopu nabapriste. Kwazis' ukuti leyo 'mali aitengi 'masakramente nezinye izinto eziy'ingcwele.

Umteto wesi2 ka'Nkulunkulu.

Ungalipateli ize igama lika'Nkulunkulu!

"*Ukupata igama lenKosi uNkulunkulu wako, ungalipateli ize, ngoba olipatela ize igama lenKosi uNkulunkulu wake, inKosi aiyikumziba, iti, kana'cala.*" *)

I.

Ukupata kahle igama lika'Nkulunkulu.

509. Ukupata igama lika'Nkulunkulu kuhle, uma silipata ngasip' isisusa na?

Ukupata igama lika'Nkulunkulu kuhle, uma silipata ngesisusa esihle, esifaneleyo, esiswelekile, silipata ngenhlonipo njalo.

"Igama" lika'Nkulunkulu noma yilipi: uNkulunkulu, inKosi, uPezukonke, uJesu, uKristo, iSakramente las'elatini, nani nani.

Njengoba kuumteto ukuba kuhlonitshwe uNkulunkulu uqobo, kuyiwo futi ukuba kuhlonitshwe *nezingelosi neziCwetshiswa* zas'ezulwini, ikakulu uMaria, eng'uNina ka'Nkulunkulu; nokuba kuhlonitshwe *abanesikundhla esiy'ingcwele,* uPapa, eng'umBambeli ka'Jesu, nababishopu nabapriste nasebetolile izikundhla ezitile zobupriste, nezindela ngoba ziy'izetulo zika'Nkulunkulu; nokuba kuhlonitshwe *izinto eziy'ingcwele,* inCwadi ey'ingcwele (iBaibele) namazwi akuyo, amasakramente, amasakramentale, imininingwane nenkonzo yonke ey'ingcwele, izitombe nemifanekiso nayip' into ey'ingcwele.

510. Ngako-ke kuhle ukupata igama lika'Nkulunkulu, la s'enza-ni na?

Kuhle ukupata igama lika'Nkulunkulu, la sikuleka, sitandaza, sihlabelela amagama ay'ingcwele.

511. Kuhle futi ukupata igama lika'Nkulunkulu, la s'enza-ni na?

Kuhle futi ukupata igama lika'Nkulunkulu, la sifundisa noma sifunda izindaba zokolo, nalapo sikuluma ngazo kahle.

*) 2. Mos. 20 7.

Ukumfunga uNkulunkulu.

512. Kuhle ukupata igama lika'Nkulunkulu, nalapo s'enza-ni na?

Kuhle ukupata igama lika'Nkulunkulu, nalapo simfunga ngesisusa esilingeneyo, kumbe esiswelekile.

513. Ukumfunga uNkulunkulu kuy'ini na?

Ukumfunga uNkulunkulu ng'ukumfakazisa Yena, ey'isiMinya uqobo, ey'inZondo uqobo yamanga, afakaze ukuti, ukutsho kwetu kumbe ukutembisa kwetu, siqinisile.

Kukona amabandhla atile amaProtestante 'ala ukuba kufungwe, eti, kubi, kunqatshelwe eBaibeleni. Kepa apambekile:—

1. Ukumfunga kwetu uNkulunkulu, siyaluveza obala ukolo lwetu lwokuti, uNkulunkulu uyiso isiMinya uqobo, nokuti uy'inZondo uqobo yamanga, nokuti, ngoba eyiko loku, angapind'inya k'ofungel' amanga.

2. UNkulunkulu uqobo uyafunga: *Ngizifungile mina uqobo, itsho njalo inKosi.*»[1]) NoJesu wat'efungiswa ng'umprist' omkulu, wafunga (T. t. 71.).

3. EnCwadini ey'ingcw. kukona amazwi okuti ukufunga kuvunyelwe. Naku kutiwa: *InKosi, uNkulunkulu wako, woy'esaba, uyikonze yona yodwa, ufunge igama layo.* [2]) »*Bayakuzincoma abafunga yena* (uNkulunkulu). [3]) NoPaulus ocw. wafunga, wati: *UNkulunkulu ung'ufakazi wami!*»[4]) Into nje ekona, amaProtestante lawo ay'ahluleka ukucasisela izwi lika'Jesu elifumaniseka ku'*number* 519.

Ukumfunga uNkulunkulu, singamfunga ngapandhle kwemininingwane, sifunge nje sinesibomu sokufunga. Kodwa kungaba kona nemininingwane etile. Kanjalo umuntu, at'uma es'efunga, 'eme, apakamise isandhla sokunene, akombe ngeminwe emitatu ngas'ezulwini, iminwe emitatu (isitupa, isikombisa, umunwe opakati) ikomba belu ubuTatu obucwebileyo, ab'es'etsho-ke. Kumbe at'efunga, ab'epete isipambano, kumbe inCwadi ey'ingcw. ngesandhla sokunene.

Uma nga ikolwa lakwiti lifungiswa enkantolo, kutiwe, alibambe iBaibele lamaProtestante, alitsho kahle nje, liti kalifungi ngalo; lifunge lipakamisile isandhla njengoba kade sitsho. Kungoba iBaibele lamaProtestante kasil'azi, noma lipete isiminya sodwa yini, loku lingena'mvumelo yeBandhla eliyilo lika'Nkulunkulu.

[1]) 1. Mos. 22,16. (2. Mos. 32,13. Hlab. 109,4.)—[2]) 5. Mos. 6,13. - [3]) Hlab. 62,12.—[4]) Rom. 1,9.

514. Yizip' izisusa ezilingeneyo kumbe eziswelekile zokuba simfunge uNkulunkulu na?

Izisusa ezilingeneyo kumbe eziswelekile zokuba simfunge uNkulunkulu kungaba l'udumo lwake nokuswela kwetu, nokuswela kwomakelwane wetu.

1. Udumo luka'Nkulunkulu:—umbishopu efungela ukuti uzaufundisa isiminya sika'Nkulunkulu sona sodwa, sona sonke; umuntu okad' el'iProtestante efungela ukuti us'eyilahlile imfundiso yamanga nokuti us'eyayivuma imfundiso eyiyo, mhla 'amukelwa eBandhleni.

2. Ukuswela kwetu:—siqanjelwe amanga alungele ukusisusa isitunzi; sivelelwe icala, kuvele-ke ingozi yokulahlekeliswa imali, impahla, eyokubotshwa, eyokubulawa uHulumeni nani nani. Singaswela ukufunga, noma kus'ecaleni noma kunges'ecaleni.

3. Ukuswela kwomakelwane:—evelelwe indaba enkulu.

Isitembiso esiy'ingcwele.

515. Kuhle futi ukupata igama lika'Nkulunkulu, uma s'enzani na?

Kuhle futi ukupata igama lika'Nkulunkulu, uma sizibopa ngesitembiso esiy'ingcwele sokwenza okuhle okutile.

Ukuba nenhliziyo nje yokwenza ukuti nokuyeka ukuti, *nokuba nesibomu nje* sokwenza ukuti nokuyeka ukuti, kukodwa loku, nakuba nga umuntu eti: "ngiyakutembisa" wena 'Nkulunkulu ukuti . . . ; pela y'inhliziyo nje, y'isibomu nje, *y'isitembiso nje.* Ukuzibopa ngesitembiso esiy'ingcwele kukodwa futi, ngoba:

516. Isitembiso esiy'ingcwele siy'ini na?

Isitembiso esiy'ingcwele ng'umteto uqobo azimisela wona umuntu ewufungela, 'azi ukuti kuy'isono uma engawulondi.

1. Kus'obala ukuti into esimtembisa yona uNkulunkulu, kungaba into enhle nje kupela, loku ukumtembisa embi bekuzakuba ukumjivaza.

2. Kuswelekile ukuba umuntu 'azi ukuti, uy'ona uma engagcini isitembiso sake leso.

3. Ukutembisa kwetu, ngasiziqondele esikwenzayo, sizitandele futi.

4. Isitembiso esinjalo, ng'uye uNkulunkulu yedwa esingamtembisa sona.

Kwazis' ukuti ikolwa ngalixwaya, lingazibopi ngesitembiso esinjalo, lingabuzanga, lingavunyelwanga abakulu.

517. Kuy'into elungile yini ukuzibopa ngesitembiso esiy'ingcwele na?

Yebo, kuy'into elungile ukuzibopa ngesitembiso esiy'ingcwele, loku uNkulunkulu ekwenamele ngoba okunge'mteto, kukuhle kodwa, umuntu us'eyakwenza umteto ngeyake intando.

Okuhle ku'nhlobo'mbili: okunye, ng'umteto ukuba sikwenze; okunye, akuwona. Kanjalo ukuya emisseni ngamasonto ng'umteto. Kepa ukuya emisseni ngezinsuku, akuwona. Aike, uma uziyela kona ngezinsuku, kuhle kakulu ku'Nkulunkulu. Ke, uma us'uzibopa ngesitembiso esiy'ingcwele sokuti, ngiyakuya emisseni kanye pakati kwesonto njalo, kus'obala ukuti y'into enhle impela. Kuhle ngani na? Kuhle ngoba emandhleni onke uNkulunkulu asipe wona, awako adhlula awokuz'enzela, intando yetu pela. *Nokung'umteto,* uma sikwenza, kuyabonakala ukuti uNkulunkulu uyakwazisa, aze asivuze ngenxa yako. Siti-ke uma sesizibopa ngayo intando yetu leyo, siti, okuhle kwokuti *okunge'mteto* soku umteto kitina, kus'obala ukuti s'etule enKosini inkomo enqabile impela. Aike, sing'enza njalo, ngoba sisuswa yiko ukumtanda uNkulunkulu kona kodwa nje, kumbe sisuswa ukubonga ngenxa yenhlanhla etize esiyifumene, noma ukucela into enkulu esiyiswelayo, esixakayo, noma ukuhlaula, sizihlaulela, sihlaulela abanye.—Isitembiso sika'Jakob T. d. 18. Esika'Anna, unina ka'Samuel T. d. 54.

Izitembiso zezindela ziyakufumaniseka pambili.

II.

Ukupata kabi igama lika'Nkulunkulu.

518. Ukupata igama lika'Nkulunkulu kubi, uma silipata ngasip' isisusa na?

Ukupata igama lika'Nkulunkulu kubi, uma silipata ngesisusa esingaswelekile, ngesibana, ngesibi, kungeko 'nhlonipo.

"Igama lika'Nkulunkulu" noma yilipi, nako konke "okukanye nalo", njengaloko kutshiwo ku'*number* 509.

519. Ngako-ke kubi ukupata igama lika'Nkulunkulu, uma s'enza-ni na?

Kubi ukupata igama lika'Nkulunkulu, uma sidhlala ngalo ngokuba silifungafunga, sibabaza ngalo, silaula ngalo.

Ukufunga okufumaniseka emakolweni ang'abantu ku'nhlobo-nhlobo.

1. Ukufunga *okunge uNkulunkulu:*—
   (a) ukufunga inkosi yakubo, uyisemkulu nobani nobani;
   (b) ukufunga okubi—ukubina, ukufungisela;
   (c) ukufunga "isiminya", "inyaniso" nani enjé.

2. Ukufunga *uNkulunkulu* ngokuti "inKosi", "inKosi epezulu", "inKosi iy'azi", "uNkulunkulu uy'azi" nokuti-ni.

Kuyabonakala ukuti abantu abamnyama, ukufunga kwabo okuninginingi, bayafana namaJuda; nawo ab'enza njalo, as'enza njalo nanamhla. Ke, ukufungafunga nokufungifungisa loku okujwayelekile, yiko okwajeziswa uJesu, eti: «*Kepa mina ngiti, ningafungi nakanye; ningafungi izulu, ngoba liy'isihlalo sobukosi sika'Nkulunkulu, ningafungi umhlaba, ngoba uy'isenabelo sênyawo zake. . . . Ukukuluma kwenu, anoti: Yebo, yebo, qabo, qabo; okudhlula loku kubi.*»[1]) UJakob ocw. uyapinda kona loku eti: «*Kepa, 'bazalwane, pezu kwako konke ningafungi noma izulu noma umhlaba noma into-ni nje. Enikutshoyo kube ukuti: Yebo, yebo, nokuti: Qabo, qabo, funa nitole icala.*»[2]) Nembala umuntu osileyo, ez'azela ukuti uyakuluma into ekona, kafungi. Uma abanye bengafuni ukukolwa yiko, kusey'indaba yake yini? ikakulu ngoba imvama yezindaba ezifungelwayo kuyaxokozelwa nje, aku'zindaba. Kepa, la ez'azela ukuti ukuluma into engeko, akufanele kakade ukufungela amanga. Njalo-ke

kungati kungapela ukufungafunga loko emakolweni!

Po-ke konke ukufunga esikade sikutsho kuy'isono na? Aike, kuyabonakala ukuti:—

(a) Ukufunga inkosi kumbe uyisemkulu nobani nobani, amagama abo pela, nokuti "isiminya", "inyaniso" nani, imvama ng'ukuqinisa njena, kufane nokuti "impela", "isibili".

(b) Ukufunga okubi okunjengokubina kuyasoleka, ikakulu emtetweni wesi6 ka'Nkulunkulu. Ukuba nga umuntu etsho nje, ngoba es'ejwayele, engacabangi 'luto, mhlaumbe akuko 'sono. Kepa kufanele impela ukuba emakolweni kupele umkutshana onjé.

(c) Ukufunga uNkulunkulu ngokuti "inKosi" nani nani kuyasoleka. Noko-ke, uma umuntu efunga kanjalo, engacabangi, engakumbuli 'luto, akuko 'sono; kodwa ngaezama ukukumbula, yikona ezauyeka. Ati-ke uma ekwenza 'azi nje, ukudelela kungeko kodwa, kungaba isono esingcono.

Nendaba yokubabaza ngokuti "Hau! 'nKosi yami", "'Nkulunkulu wami", nani nani, injalo futi.—Kodwa uma umuntu etsho, etshiswo inhliziyo yokukuleka, ngoba 'etuka 'ehlelwa umhlola, ebona omunye 'ehlelwe umhlola, kus'obala ukuti akuko 'sono lapo.

[1]) Matth. 5,34-35. 37.—[2]) Jak. 5,12.

Nokulaula ngegama lika'Nkulunkulu noma ngokunye okukanye nalo, imvama akudhluli isono esingcono, uma kungeko pela ukudelela. Kodwa noko, umuntu osileyo ang'ahlukanisa into nento: abone okulauleka ngako, nokungalauleki ngako.

520. Kubi futi ukupata igama lika'Nkulunkulu, la s'enza-ni na?

Kubi futi ukupata igama lika'Nkulunkulu, la silidelela, silituka, silidumaza, silijivaza.

Kuyabonakala ukuti konke loku kuy'enzeka ngokucabanga nangokukuluma nangokwenza.

Kuyadumaza, kuyajivaza:—opika into enhle uNkulunkulu ayiyo, anayo, eti mhlaumbe, kasiso isiMinya, kana'kuhlakanipa, kana-'musa; omqambela into embi, eti mhlaumbe, uyaketa, uyatanda okubi, uyadalela abatize ukutshoniswa esihogweni: ob'efuna ukuba kungabiko 'Nkulunkulu; omfisela okubi; oti, uMaria ung'umfazi nje njengabafazi bonke abanye; okuluma kabi nangasip' isikundhla esiy'ingewele nangayipi into ey'ingewele.

Pela, wonk' umuntu angazibonela ukuti ukumdelela uNkulunkulu, ukumtuka, ukumdumaza, ukumjivaza, noma yena uqobo noma okuy'ingewele, kuy'izono ez'esabeka nokwesabeka; imvama y'izikubekiso futi. Emtetweni omdala kwatiwa: «*Ojivaza uNkulunkulu akabulawe!*» [1]) Ai-ke, nakubo oHulumeni abakoliweyo l'icala elihlaulwa ka'nzima.

«Izibabazo zas'emva kwesihlahlameliso seSakramente eziqala ngokuti: "Akababazeke uNkulunkulu" zitandazelwa ukuhlaula lezi 'zono zokujivaza uNkulunkulu.

521. Kubi ukupata igama lika'Nkulunkulu, nalapo s'enza-ni na?

Kubi ukupata igama lika'Nkulunkulu, nalapo siqalekisa ngalo.

Oqalekisa kanjalo, uyafuna ukuba uNkulunkulu 'ehlisele umuntu otize kumbe into etize okubi. Kuyabonakala ukuti kuy'isono esi'luhlobo lwobusatana, loku sivela enzondweni epambene nomteto omkulu wokutanda abakelwane betu nowokuzitanda. Naku kutiwa: *Osuk' ezonda umfo wabo ung'umbulali.* [2]) Kutiwa futi: «*Hlahlamelisani abaniqalekisayo.*» [3])

Noko kungaba kona ukuqalekisa okufana nokuti, akube uNkulunkulu olungisa ubanibani ngoba kwahluleka abantu. Aike, ukuqalekisa okunjalo kung'ezwakala ku'Nkulunkulu, noma

1. kung'abazali abaqalekisa abantababo ababahlupayo, benga-

[1]) 3. Mos. 24,16.—[2]) 1. Joh. 3,15.—[3]) Luk. 6,28.

lungiseki, njengaloko kutiwa: «*Ukuhlahlamelisa kuka'yise kupasa izindhlu zabantwana; kepa ukuqalekisa kuka'nina kusipula isisekelo* (sazo).»[1]) Noma

2. kung'abafelwakazi nezintandane abaqalekisa ababahlupayo, njengoba nang' uNkulunkulu eti: «*Ningahlupi abafelwakazi nezintandane! Uma nibahlupa, bazaukala kuzwakale kimi, mina-ke ngikulalele abakala ngako, ulaka lwami luvute-ke, nginibulale ngesinkemba, yikona abafazi benu beyakuba abafelwakazi nabantabenu babe izintandane.*»[2]) Noma

3. kung'ompofu oqalekisa isicebi esingamhaukeli. Naku kutsho uNkulunkulu esicebini ukuti: «*Akucelayo* (ompofu) *ekuqalekisa 'enziwa inhliziyo ebabayo, kuyakuzwakala.*»[3])

4. Nakutshoyo umuntu eziqalekisa, uNkulunkulu angakugcwalisa, njengoba nangu eti ngomlomo womprofete: «*Watanda ukuqalekisa, kwomehlela-ke; ukuhlahlamelisa kakutandanga, kwoba kude-ke naye.*»[4]) Aziqalekisa kanjalo amaJuda, la ati: «*Igazi lake* (uJesu) *alibe pezu kwetu napezu kwabantabetu!*»[5]) Nembala, mhla umuzi omkulu wakubo, iJerusalem, wadilizwa, aciteka, abantabawo bahlakazeka nomhlaba wonke, nanamhla abakabi na'kaya, abana'lizwe lakubo, abana'nkosi yakubo.

Ukufunga kabi.

522. Kubi futi ukupata igama lika'Nkulunkulu, uma s'enza-ni na?

Kubi futi ukupata igama lika'Nkulunkulu, uma, ukumfunga kwetu, sifungel' amanga, noma kus'ecaleni noma kungapandhle kwalo.

Kuyabonakala ukuti asisakulumi lapa ngokufungafunga loko okuku'*number* 519; lapa sekung'ukufungela indaba ey'indaba ngempela.

523. Ukufungela amanga kuy'isono esingakanani na?

Ukufungela amanga kuy'isono esikulukazi, ngoba kudunyazwa uNkulunkulu, kuziqalekisa ofungayo, kucitwa isu elikulukazi lokwenza ukuba abantu batembane.

Kufungel' amanga:—

1. ofungel' ukuti akutshoyo kuy'into ekona, 'azi ukuti kuy'into engeko;

2. ofungel' ukuti uyakwenza ukuti, 'azi ukuti kafuni ukukwenza.—Naku akutshoyo uZakarias umprofete. Uti: «(UNkulunkulu) *wati kimi: "Ubona-ni na?" Ngapendula nga-*

[1]) Sir. 3,11.—[2]) 2. Mos. 22, 22-24.—[3]) Sir. 4,6.—[4]) Hlab. 108,18. —[5]) Matth. 27,25.

ti: "Ngabona incwadi egoqongiweyo, indiza . . ." Waes'eti kimi: "Yiso isiqalekiso esisuka sifike kulo lonke izwe, ngoba yilelo nalelo 'lisela, icala lalo lonqunywa njengaloku kulotshiwe lapa; nayilowo nalowo ofungela amanga, icala lake lonqunywa ngaso (lesi 'siqalekiso). *Ngiyasituma sona", itsho njalo inKosi yamaviyo, "s'ehlele indhlu yesela, nendhlu yofungele amanga efunga igama lami; sohlala pakati endhlini yake, sidhle yona, sidhle namapulankwe namatshe ayo".*» [1])

524. Uma sing'azi noma esikutshoyo kul'iqiniso ngempela yini, singakufungela na?

Qabo, uma sing'azi noma esikutshoyo kul'iqiniso ngempela yini, singekufungele, loku besizaufunga kabi.

525. Ukufungela ukuti siyakwenza okubi, nokuti siyakuputa, siyakuyeka ukwenza okuhle, kunjani na?

Ukufungela ukuti siyakwenza okubi, nokuti siyakuputa, siyakuyeka ukwenza okuhle, kubi, kul'ize futi.

Kul'ize ngoba uNkulunkulu angeke asivumele ukuba s'enze njengokufunga kwetu okunjé. E! Bekuzakuba isono esikulu ukuba sikugcine.

Ukwapula isitembiso esiy'ingcwele.

526. Kubi ukupata igama lika'Nkulunkulu, nalapo s'enza-ni na?

Kubi ukupata igama lika'Nkulunkulu, nalapo sizibopa ngesitembiso esiy'ingcwele, siz'azele ukuti kasifuni ukusigcina.

527. Ukwapula isitembiso esiy'ingcwele kuy'isono esingakanani na?

Ukwapula isitembiso esiy'ingcwele kuy'isono esikulu, loku kunge umuntu nje, kuuNkulunkulu uqobo otenjiswayo, la kwenziwa isitembiso esiy'ingcwele.

Uma uzibopile ngesitembiso sokuti uzakwenzela uNkulunkulu ukuti, ung'epuzi ukusigcina. . . Kungcono kakulu ung'enzi 'sitembiso, kunokuba ut'uma utembisile ungakugcini okutembisile.» [2])

528. Ongagcini isitembiso esiy'ingcwele uy'ona njalo na?

Ongagcini isitembiso esiy'ingcwele, nakuba enamandhla, uy'ona kakulu; ak'oni, uma 'ahlulekile, kumbe eyekelwe, kumbe eguqulelwe sona.

[1]) Zak. 5,2-4.—[2]) Shum. 5, 3-4.

Ukuyekelwa nokuguqulelwa, angayekelwa kumbe aguqulelwe abakulu beBandhla; ukuziguqulela, ang'enza ngokuba es'etembisa into enhle kuneyakuqala.

Ukucela ukuba igama lika'Nkulunkulu nako konke okuy'ingcwele kupatwe kahle ng'abantu bonke emhlabeni wonke, nokuba kuvinjelwe zonke izono zokulipata kabi, nokuba kuhlaulwe, kulungiswe zonke izono ezinjalo, yiko konke loku esikucelayo, la siti imihla ngemihla:

"Malipatwe ngobungcwele igama lako!"

Umteto wesi3 ka'Nkulunkulu.

"Kumbula ukwenza isabbata usuku oluy'ingcwele."

"Kumbula ukwenza isabbata usuku oluy'ingcwele! Izinsuku ezi'situpa ungasebenza ngazo, usebenze yonke imisebenzi yako. Kepa olwesikombisa l'isabbata lenKosi, uNkulunkulu wako; ngalo ung'enzi 'msebenzi wonke nje wena, nomfana wako kumbe intombazana yako, nesigqila kumbe isigqilakazi sako, nempahla yako, nomfokazi ohlala emzini wako. Ngoba ngezinsuku ezi-'situpa inKosi y'enza izulu nomhlaba nolwandhle nako konke okukuko, ngosuku lwesikombisa-ke yapumula; kungako-ke inKosi yaluhlahlamelisa usuku lwesabbata, yalwenza oluy'ingcwele." *)

Elokuti "isabbata" ng'elesiHeberu; njengoba livela kwelokuti "sabat" eliti "ukupumula", kuyabonakala ukuti "isabbata" l'"usuku lokupumula", imisebenzi yomhlaba iyekiwe, kube l'"usuku oluy'ingcwele", "usuku lwenKosi" (*number* 324,1).

529. Ngomteto wesi3 uNkulunkulu uyasiyala uti, as'enze-ni na?

Ngomteto wesi3 uNkulunkulu uyasiyala uti, asikumbule, singabokohlwa ukwenza isabbata usuku oluy'ingcwele.

530. EBandhleni lika'Jesu isabbata l'usuku lupi na?

EBandhleni lika'Jesu isabbata l'isonto.

1. ETestamenteni elidala kwakul'usuku *lwokugcina*, umgqibelo, olwesikombisa pela, olul'isabbata. Kwelitsha kul'usuku *lwokuqala*, olwesonto belu, olul'isabbata. Naku ukubala kwesintu salapa kupambene nokweBandhla.

*) 2. Mos. 20,8-11.

OkweBandhla:	Okwesintu:
Isonto, umsombuluko (umvulo), usuku lwokuqala.	.. Isonto.
Olwesibili.	.. Umsombuluko (umvulo), usuku lwokuqala.
Olwesitatu.	.. Olwesibili.
Olwesine.	.. Olwesitatu.
Olwesihlanu.	.. Olwesine.
Olwesitupa.	.. Olwesihlanu.
Umgqibelo, olwesikombisa.	.. Umgqibelo.

2. ETestamenteni elitsha isabbata l'isonto, *usuku lwokuqala*, ngoba (a) uNkulunkulu uYise waqala ukudala ngosuku lwokuqala, (b) uNkulunkulu inDodana waqedela umsebenzi wokusisindisa ngokuvuka kwake, evuka ngosuku lwokuqala, (c) noNkulunkulu uMoya oew. w'ehla ngosuku lwokuqala, kwamiswa ngalo-ke iBandhla eliy'ingcwele.—Ukugcina usuku lwokuqala njengesabbata, isonto belu, ai umgqibelo, kwasokw'enzeka emihleni yabApostole.*)

3. Isabbata kalitsho isonto uqobo lona lodwa nje, liyatsho *nezinsuku eziy'ingcwele* ezinjengamasonto uqobo. Kuyabonakala (a) ngalo elokuti isabbata, njengoba liti "olwokupumula" okuyekwa ngalo imisebenzi yomhlaba ngenxa yenkonzo yenKosi. Kuyabonakala (b) nangokuba nas'eTestamenteni elidala uNkulunkulu watshaya umteto wokulonda izinsuku eziy'ingcwele ngapandhle kwamasabbata (imikosi T. d. 43.); kunjalo-ke nakwelitsha.

531. Isabbata sil'enze usuku oluy'ingcwele ngokwenza-ni na?

Isabbata sil'enze usuku oluy'ingcwele ngokuyeka imisebenzi yomhlaba.

1. *Imisebenzi enqatshelwe ngesonto* yiyo okutiwa "eyezisebenzi", kumbe "enzima", noma yenziwa ngezandhla noma ngemitshini.

Kunqatshelwe-ke ukulima, ukuhlakula, ukuvuna, ukumba, ukubumba, ukugaula, ukuteza, ukucand' înkuni, ukugaya, ukutunga, ukugeza îngubo, ukusika utshani, ukufulela, ukwaka, ukubaza (amaplankwe, amatshe nani), ukututa impahla, nokuti-ni nokuti-ni, nemisebenzi yonke enomsindo.

Ukufula nako kufanele ukuba kwenziwe ngomgqibelo, njengoba inkosikazi ekoliweyo ilungisela isonto ngokwenza konke ngomgqibelo okwenzeka ngawo, yikona kuzausetshenzwa ngesonto *okuswelekile nje ngempela.*

*) Enz. 20,7. 1. Kor. 16,2.

2. Imisebenzi enganqatshelwe ngesonto:

(a) Eyengqondo:—ukufunda, ukubala, ukudweba nokunjalo nje.

(b) Eswelekile:—ukupeka ukudhla, kona ukupeka kodwa nje kambe, sekulungisiwe okuzopekwa okunjengempupu nenyama nani, înkuni seziteziwe, sezicandiwe; ukupa izilwane nokuz'alusa; ukugcina umuntu ofayo, ukumelapa, ukumbizela inyanga, ukumfunela nokumlungisela imiti; ukuputuma ingozi evelile enjengomlilo, isikukula nani.[1])

(c) Eyokuzitokozisa nokuzilibazisa:—ukudhlala, ukuvakatsha, nani.

(d) Esetshenzelwa inkonzo ey'ingcwele:—ukuhlobisa esontweni, ukulungisela ukuzungeza neSakramente eliy'ingcwele nani.

(e) Abakulu beBandhla bapete amandhla okuvumela amakolwa ukuba asebenze nomsebenzi onzima ngesonto, uma kukona isisusa esikulu, kuxakekiwe impela. Nang' uJesu eti: «*Isabbata l'enziwa ngenxa yomuntu, akuso umuntu ow'enziwa ngenxa yesabbata. Ngako-ke inDodana yomuntu iy'inkosi epete nesabbata.*»[2])

532. Isabbata sil'enze usuku oluy'ingcwele nangokwenza-ni na?

Isabbata sil'enze usuku oluy'ingcwele nangokul'enza usuku lwenKosi ngokuba siya lapo ikonzwa kona nangokusebenzela umpefumulo wetu.

1. Inkonzo yenKosi:—Enkulu kuzo zonke ng'*ukubonga* inKosi uNkulunkulu ngokupinda ngemissa ukubonga kwenDodana yake onqamlezweni. Enye ng'ukulalela izwi lenKosi, inshumayelo belu, nokufundiswa izindaba zokolo, nokutola isihlahlameliso seSakramente, nokukuleka, nokuhlabelelela inKosi.—Njengoba sizokonza inKosi, ngasigqoka okuyifanele Yona, singafiki nezingubo ezi-'madixadixa nezi'malepulepu, futi singahlobisi okweqaba nokwesoka nokweyengane nokwesiula.

2. Ukusebenzela umpefumulo, ikakulu ngokuba sit'uma sesiye lapo *kubongwa* kona inKosi, *sidhle sipuze inyama negazi elibongile* lenDodana yayo ngokwamukela ikomunione; kuti-ke uma kuswelekile, sivume kuqala izono. Siwusebenzele futi umpefumulo ngokukade kutshiwo, okunjengokulalela inshumayelo nani nani, nangokuzifundela izindaba zokolo, nangeminye imisebenzi emihle enjengokuhambela abagulayo, ukuya emalibeni, nani nani.

[1]) Matth. 12,11.—[2]) Mark. 2, 27-28.

Izono.

533. Isabbata asil'enzi usuku oluy'ingcwele, uma s'enza-ni na?

Isabbata asil'enzi usuku oluy'ingcwele, uma singapumuli ngalo, singayeki pela imisebenzi yomhlaba.

1. Ukusebenza umsebenzi onqatshelwe ngesonto (*number* 531, 1.) kuy'isono esikulu njalo uma kukona nesikubekiso; aike, imvama sikona sona. Kut'uma isikubekiso singeko, ukusebenza umsebenzi onjalo kube y'isono esikulu uma usetshenzwa isikati esiy'isikati (noma amahora amabili, amatatu); uma usetshenzwa isikatshana nje, kungaswelekile njalo pela, y'isono esingcono.

2. *Indaba yabasebenza kwabanye* emadolobeni nas'emapulazini *kaiyodwa*. Iyanqumeka ngayona leyo 'miteto okunqunywa ngayo neyamanye amakolwa.

(a) Kuy'ona isisebenzi esisebenza umsebenzi onqatshelwe ngesonto, noma siz'enzela (mhlaumbe sigeza ingubo), noma ngoba kutsho esisebenza kuye. Kut'uma singaz'azeli noma umsebenzi okutiwa asiwenze uvunyelwe yini, singasebenza, icala libe pezu kwomkulu.—Kuy'ona ovuma ukuqatshwa ng'owaziwayo ukuti uyasebenzisa nangesonto.—Kuy'ona ongalungiselani naqatshwa uye, esaqatshwa nje, ngokuti kayikusetshenziswa ngesonto, not'es'esetshenziswa ngamasonto anganotisi avalelise.

(b) Ak'oni oqatshelwe umsebenzi oswelekile (*number* 531, 2 (b)), njengokusebenza ekitshini, nokulungisa endhlini, nokusebenza emkunjini nas'esitimeleni njengomuntu osebenza ehotela, nokusebenza emtshinini wokuveza ukukanya okutiwa oka'gesi,*) nakweminye imisebenzi enjalo engena'kuyekwa nangesonto, ngoba ifana nemisebenzi eswelekile.

534. Isabbata asil'enzi usuku oluy'ingcwele, nalapo senza-ni na?

Isabbata asil'enzi usuku oluy'ingcwele, nalapo singayi lapo kukonzwa kona inKosi.

535. Oput' ukuya emisseni ngesonto kungeko 'sisusa esiyiso wenza isono esingakanani na?

Oput' ukuya emisseni ngesonto kungeko 'sisusa esiyiso wenza isono esikulu.

Izisusa eziyizo:—Kungaba

1. ukwahluleka:—ukugula okumvimbela umuntu nokusebenza nokuya otshwaleni, ukuba 'butakataka njengokade egula kakulu nosand' ukubeleta, ukwaka kude nalapo kutolakala kona

*) okutiwa ngesiNgisi *electric plant*.

imissa, izulu elibi, umfula ogewele, nani nani enjalo. Aike, kus'obala ukuti umuntu ozifunela isisusa esinjalo ngamabomu, 'aka kude, indawo yokwaka eduze ikona nje, kumbe edakwa ngomgqibelo 'azi ukuti ngako uzakwahluleka ukusonta ngesonto, uy'ona ngokungasonti kwake.—Singaputiswa ukuya emisseni

2. *ukusiza okuswelekile:*—ukugcina umuntu ofayo, ukumelapa, ukugcina ingane e'butakataka okungehanjwe nayo, ukuputuma umlilo, nani enjalo.—Singaputiswa futi

3. *umsebenzi oswelekile:*—onjengokulinda umuzi êndaweni ezinamasela nezigebengu, nokulinda amasimu, nokwalusa impahla. Aike, kulezo 'zikolo lapo kugcinwa kona imissa linye nje, umnumzana wobonela abapetwe uye, abapambanise amasonto ngamasonto. Kepa lapo kugcinwa kona amamissa amabili, uzautshaya umteto wokuti, abokulinda nokwalusa ngelinye isonto abaye emisseni las'ekuseni, ngelinye baye kwelabantu bonke.—Ukupeka ukudhla, imvama, aku'sisusa sokuba kuputwe emisseni, loku kungapekwa kungakayiwa nalapo kubuyiwe.

Isu lokuzinqumela noma kuy'isisusa esiyiso yini, nanti: Ikolwa eling'umuntu elidingiswa ukuti: konje isisusa sokuti silingene yini nokuba kuputwe emisseni na, alilinganise, libuze ukuti: konje umuntu *otanda utshwala* angaputiswa yini yileso 'sisusa ukuya otshwaleni na? Liti-ke uma libona ukuti: ai, angeke aputе ukuya otshwaleni ngesisusa lesi, aliqonde ukuti aku'sisusa esilingeneyo sokuba kuputwe ukuya emisseni.

Indaba yokuhamba indhlela iyanqumeka ngayona leyo 'miteto, nezinye ezinqunywa ngayo. Ngako-ke:—

(a) Ohamba indhlela ende, eyezinsuku eziningi, eyamasonto, eyezinyanga, upansi kwomteto wesi3 ka'Nkulunkulu njengabo bonke abantu, noma esebenza ku'mlungu ohamba ilizwe, noma etshayela inqola etuta amafulaha, noma ehambela emihlotsheni ekude. Ngako-ke, uma kungeko isisusa esiswelekile, angasuki ngomgqibelo kumbe ngesonto ekuseni engakatoli 'missa. Nas'endhleleni, la ekwazi ukutola imissa, unomteto wokuya kona. Kuti-ke uma lingatolakali lapo es'efikile kona ngesonto, unjengomuntu owake kude nesonto.

(b) Ohamba indhlela eswelekile, njengenyanga eputumela lapo kufiwa kona, undawonye noputiswa umsebenzi oswelekile, uma imissa lingatolakali kungakasukwa, noma sokufikiwe.—Kanti uma umuntu ehamba izindhlela zake ngesonto, ebasela amacala, ebeka impahla, eyela na'ndaba-ni yokwomhlaba, ngoba eti, kuy'indhlela eswelekile ngoba esebenza ngezinsuku, aputе-ke ukuya emisseni, uy'ona ka'nzima. Nosuk' eputa ngenxa yokupuma inqina uy'ona kakulu.

(c) Ukuhambela eduze, usukwana kumbe izinsukwana nje, aku'sisusa esiyiso sokuputa emisseni, inganti kung'enzeka ngezinsuku. Aike, uma umuntu esuka es'etolile imissa, noma elitola lapo ehambela kona, akusoleki 'luto. Ukuya emsindweni ngesonto, noma umsindo wona ngokwawo ungasoleki noma usoleka, kuputiwe imissa, kuy'isono esikulu.

536. Oputa inxenye enkulu yemissa ngelake icala uyawugcina yini umteto wesonto na?

Qa, oputa inxenye enkulu yemissa ngelake icala, akawugcini umteto wesonto, ngoba wona ufuna ukuba abe kona la sokubongwa.

Njengoba kuyakuzwakala esahlukweni seSakramente lokubonga, izinxenye ezintatu zemissa okutiwa ezinkulu yilezi: (1) *ukwetula* enKosini okwokubonga, isinkwa newaine, (2) *ukubonga uqobo*, la sokupindwa ukubonga kwas'onqamlezweni *ngokupendukiswa* kwesinkwa newaine, (3) *ukudhla nokupuza inyama negazi elibongile* lenDodana ka'Nkulunkulu ngokwamukela *ikomunione* eliy'ingewele. Oputa eyesibili, nowat' uma ekona kuyo waputa eyesitatu, utola isono esikulu.

Aike, ikolwa elinakekele okwenKosi nokwompefumulo walo, njengoba lixwayile kakulu funa l'enze isono, liyapuma ngesikati esiyiso ekaya, ling'epuzi. Lit' uma lipete abanye, libasuse nabo ngesikati esiyiso.

537. Oput' ukulalela inshumayelo kumbe ukufundiswa ngesonto utola isono yini na?

Oput' ukulalela inshumayelo kumbe ukufundiswa ngesonto angatola isono esingcono, nesibubisayo; ngezinye izikati angatoli 'sono.

Into ekona: 1. Endulo inshumayelo yai'nto'nye *njalo* nemissa langesonto, nanamhla imvama yezindawo kusenjalo.

2. Kung'umteto weBandhla obopa ababishopu nabapriste abapete amakolwa ukuba bawashumayeze, bawafundise ngamasonto.

3. Wonk' umuntu unomteto wokwazi izindaba zokolo, *eziswelekile* emsebenzini wokusindisa umpefumulo wake *nezimsizayo* futi kulo'msebenzi.

Kwazisa-ke ukuti, ovama ukuputa enshumayelweni kumbe emfundisweni yangesonto, noputa njalo, utola isono esikulu. Oputa ngezinye nje izikati, kungeko 'sisusa, utola isono esingcono. Oputiswa isisusa esikudhlwana, eputa nje ngezinye izikati, ak'oni.

Aike, kuhle ukuba amakolwa aqonde ukuti

Inshumayelo

iy'ini eBandhleni eliyilo lika'Nkulunkulu. Sokw'ezwakala esahlukweni se9 somvumokolo ukuti uJesu washiya eBandhleni lake isikundhla sake sokufundisa abantu isiminya sika'Nkulunkulu. Owasishiya nabo, ng'abApostole; yibona futi owabatumela uMoya ocw., yikona bezautola amandhla okusigcina kahle. Ke, isikundhla sabo namandhla abo, kusekona kokubili kwabalandelana nabo: ababishopu nabapriste nabadiakone. Kungako-ke bayaw'amukeliswa uMoya ocw. la bemiswa, benikwa nesikundhla sokushumayeza abantu. Kwazis' ukuti, la beshumayela kabazisebenzeli ngamandhla abanawo njengoba beabantu wona odwa nje; qa, uma bona benenhliziyo yokugcina ngokuyiko isikundhla sabo, noMoya ocw. uqobo usebenzisana nabo. Ngako-ke, abalandelana nabApostole *baumlomo ka'Jesu 'Kristo,* izwi labo *l'izwi lika'Nkulunkulu.* E! Kusenjengokutsho kuka'Paulus ocw., eti: «*Sibambele uKristo, siy'izinduna eziy'izitunywa, kungati ukululeka kwetu ng'ukululeka kuka'Nkulunkulu*» [1]), eti futi: «*UKristo ukuluma ngomlomo wami*» [2]), eti futi-ke: «*Njalo-ke makas'azi umuntu ukuti siy'izinduna zika'Kristo nabamukelisi bêmfihlo zika'Nkulunkulu!*» [3])

Aike, kuyabonakala ukuti kwabangena'bupriste lobo bwabApostole, obuka'Kristo belu, amuko onamandhla lawo okushumayela esikade siwatsho, noma kung'amakolwa eBandhla lakwiti ang'amakolwa nje, noma kung'amakolwa amabandhlabandhla amaProtestante, nakuba nga kutiwa kung'ababishopu noma abafundisi noma abashumayeli. Njengoba bengena'bupriste, nokwamukeliswa uMoya ocw., kabaw'amukeliselwanga ukugcina isikundhla sokushumayela nokufundisa.

Ukushumayela kubili. Okunye ng'ukushumayeza nokufundisa abangakabatshatizwa. Okunye ng'ukushumayeza amakolwa enkonzweni yas'esontweni, ikakulu la *kubongwa* uNkulunkulu ngemissa eliy'ingewele; abangashumayela lapo, yilabo bodwa aseb'amukeliswe ubupriste bwonke noma izikundhla ezitile zabo. Kepa *ukufundisa nje* ngapandhle kwale'nkonzo, namakolwa ang'amakolwa nje angafundisa, enikiwe amandhla nemvumelo ng'umbishopu, esizana nabapriste ngokutsho kwabo.

Ngako-ke inshumayelo yangamasonto, kuyabonakala ukuti, eBandhleni elikatolike iyahlonitshwa, iy'aziswa, iyatenjwa kakulu, kwaziwe ukuti kul'"izwi lika'Nkulunkulu" elizwakala lapo. E! Nezazi, nakona zikwaz' ukuzifundela izindaba zika'Nkulunkulu nezokusinda kwomuntu, ziyaya enshumayelweni, zikumbulile

[1]) 2. Kor. 5,20.—[2]) 2. Kor. 13,3.—[3]) 1. Kor. 4,1.

ukuti: *Ukolo luvela ngokuzwa, ukuzwa-ke kuvela ngezwi lika'Kristo.*[1]) Po-ke ikolwa eling'umuntu, ukwazi kwalo izindaba zokolo nezokusinda kwomuntu kukuncane nje, izinewadi lingenazo, ukufunda lingakwazi, noma liti likwazi lingatandi ukuzifundela, noma liti litand' ukuzifundela nje lingaqondi kahle,—ngiti, ikolwa eling'umuntu lingaba nomteto kakulu wokuya enshumayelweni nas'emfundisweni njalo, yikona lizauzwa elingakakwazi, liqondiswe elingakakuqondi, likunjuzwe eselitand' ukukohlwa yiko, inhliziyo yalo es'itand' ukutengatenga ibuye ivuswe, lisizakale-ke ngamandhla lawo oMoya ocw., asebenza enshumayelweni yab'amukeliswa wona ngesakramente lobupriste. E! Njengoba yiwo osebenza lapo, kutatwa njalo igama loMoya ocw., kucelwe insizo *"yesiSizi, uMoya wesiminya,"*[2]) usize oshumayelayo nabashunyayezwayo.

538. Isabbata asil'enzi usuku oluy'ingcwele, la sil'enza-ni na?

Isabbata asil'enzi usuku oluy'ingcwele, la sil'enza usuku lwokwona.

Izono ezivam' ukwenziwa ngamasonto nazi: ukudakwa, ukwetshela okubi nezinye izono ezipambene nomteto wesi6, nezipambene nomteto wesi4 ngokuba abazali beng'alusi abantababo, nezipambene nalo'mteto wesi3 ka'Nkulunkulu.

Ikolwa eliyilo, njengoba lingafuni ukwenza izono, lingafuni nokwonisa abanye, liyayixwaya nengozi yokwona neyokwonisa. Ngako-ke

emizini yamakolwa akuko 'tshwala obukulu ngomgqibelo, ngesonto, ngomsombuluko.

Kutiwa "obukulu", ngoba aku'lukanjana lwabas'ekaya bodwa nje, kufike kuzopuza nabas'emizini.

539. Abantwana nabo banomteto yini wokulonda isabbata na?

Yebo, nabantwana banomteto wokulonda isabbata uma sebehlakahlakanipile nje.

At' umntwana ub'azi ukuqonda okuhle nokubi, aqonde-ke ukuti owenza okubi utola icala, us'enomteto wokusonta, nabampeteyo banomteto wokumsontisa.—Kodwa abazali abang'amakolwa ayiwo ayamjwayeza umntwana ukuya esontweni, qed'ub' akwaz' ukuhamba esontweni nokubuyelela.

540. Osuk' elingwa ukuba angalondi isabbata, ngaekumbulani na?

[1]) Rom. 10,17.—[2]) Joh. 15,26.

Osuk' elingwa ukuba angalondi isabbata, ngaekumbula ukuti, ongalilondi uyaz'apuca inhlanhla leyo, uNkulunkulu ahlahlamelisa ngayo isabbata.

541. Osuk' elingwa ukuba angalondi isabbata, ngaekumbula nokuti-ni na?

Ngaekumbula nokuti, uNkulunkulu ubasongele ab'apula isabbata, eti, uzobahlaulisa kuleli nakwelipambili.

Wati kwabakwa'Israel: *Londani isabbata lami, liy'ingcwele kinina; ongal'enzi usuku oluy'ingcwele akafe nokufa; osebenza ngalo, akususwe ugobo lwake pakati kwabantu!* [1]) T. d. 45. Wati futi: »*Abakwa'Israel babengicokoloza ehlane . . . amasabbata ami babew'ona kakulu, ngako-ke ngati, ngobatela ngolaka lwami ehlane, ngibacite.*«[2])

E! Nganxanye ikolwa elisileyo lingafuna, lingapanga inhlanhla, uNkulunkulu alihlabe yona isabbata, l'azi ukuti lingeke lilungelwe izindaba zalo zokwomhlaba nokwomzimba nokwompefumulo uma lingahlahlameliswa uNkulunkulu. Nganxanye kalifuni ukuzihlolela umhlola ngokungalondi isabbata, l'azi ukuti ukusongela kuka'Nkulunkulu akul'ize.

Kepa le'nhlanhla evela ekulondeni isabbata, akuso yona yodwa nje esingayipanga tin' amakolwa eBandhla eliyilo lika'Nkulunkulu, ngobapela, uma sigcina isabbata njengomteto weBandhla, siyaya lapo kubongwa kona, emisseni eliy'ingcw. belu. Ke, emaswini onke okuhlahlameliswa yilo elikulu, njengoba kuyakuzwakala esahlukweni seSakramente lokubonga. Lapa singati nje, wonke umuntu, umnumzana nenkosikazi nomntwana, nakuba nga ngezinsuku b'ahluleka ukuya lapo kubongwa kona, bangashiya konke, baye kona ngesonto, behaukela impela imissa lelo, bahlupeke, bazikalele la bevinjelwe ngempela ukuya esontweni. Ngako-ke owahluleka ukusonta ngesonto kana'kuti, kana'mteto wokugcina isabbata; qa, angazitandazela ekaya enesibomu sokuti, sengati nami ngingaba lapo kubongwa kona, aze ati, noma ngingeko lapo, uNkulunkulu akangihlabe nami inhlanhla leyo evela emisseni eliy'ingcwele.

E! Ukuba kukona amakolwa angalondi umteto wesonto, kwazis' ukuti-ni na? Kwazis' ukuti kakuqondanga ukukolwa kwawo. Kwazisa nokuti ayafana namaqaba lawo angal'azi isabbata, nokuti mabi kunawo, ngoba nank' amaqaba elondisisa yonke imiteto nemikuba nemikutshana yobuqaba bwawo.

---

[1]) 2. Mos. 31,14.—[2]) Ez. 20,13.

542. Osuk' elingwa ukuba angalondi isabbata, ngaekumbula nokuti-ni futi na?

Ngaekumbula nokuti, umuntu osebenzele okwomhlaba izinsuku ezi'situpa, angasebenzeli okwompefumulo nosukwana olulodwa, unamanga la eti, uyafun' ukusinda.

Pela, kuyabonakala ukuti ngasikonza uNkulunkulu, sinake okwompefumulo wetu nangezinsuku. Kodwa isonto lilodwa kuloku, ngoba nans' imisebenzi iyekiwe ngalo. Ke, ongalilondi uyal'enza usuku lwokububisa umpefumulo wake ngesono esibubisayo. Oqinisile eti, uyafun' ukusinda, at'ezama ukukonza inKosi nokunaka umpefumulo wake zonke izinsuku, ang'enza njalo kakulu ngalo usuku lwenKosi.

543. Olingwa ukuba angalondi isabbata, ngaekumbula nokuti-ni futi na?

Ngaekumbula nokuti, ongalilondi uyakubekisa abanye, uhlaza iBandhla lika'Nkulunkulu.

Abat'uma bekubekiswe abelungu nabanjani abangalondi isabbata, bazihlanguze bebanda ngabo, abaqonde ukuti: (a) abati, umteto wesabbata wabunjwa abapriste nje, banamanga, loku kung'uNkulunkulu uqobo owumisile, nabapriste bepansi kwawo. Abaqonde nokuti: (b) abati, ukusonta ngalo akuswelekile, banamanga futi, ngoba nganxanye kung'uye uNkulunkulu ofun' ukuba sil'enze usuku *oluy'ingewele*, nganxanye kung'uye futi owanika iBandhla lake amandhla okutsho ukuti, asil'enze usuku oluy'ingewele *ngokwenza-ni*, njengoba nembala umteto walo woku1 liti, asil'enze usuku oluy'ingewele ngokuya lapo kubongwa kona. Abaqonde nokuti: (c) umlungu nonjani noy'ini, uma engalilondi isabbata ngelake icala, utola isono esibubisayo, nabo bonke ab'enza njalo ngoba beti, babonele kulabo, bayasitola nabo. E! Ukuba uBanibani waziponsa emfuleni ugewele wamuka nawo, besengiziponsa nami kuwo, ngoba ngiti, ngibonele kulowo 'Bani, angiti nami ngizomuka namanzi?

Kuyabonakala ukuti kule'miteto emitatu kupetwe ukuti, uNkulunkulu ufuna ukuba, ukumtanda kwetu, s'enze-ni. Kweminye e'sikombisa kupetwe ukuti uNkulunkulu ufuna ukuba, ukutanda kwetu abakelwane betu, s'enze-ni (*number* 393).

Umteto wesi4 ka'Nkulunkulu.

"Y'azisa uyihlo nonyoko, yikona uyakuhlala kahle, uhlale isikati eside futi emhlabeni." [1])

"Y'azisa uyihlo nonyoko . . . , yikona uyakuhlala isikati eside, uhlale kahle futi ezweni, inKosi, uNkulunkulu wako, eyaukunika lona." [2])

Konke okudaliweyo, kuyabonakala ukuti, kudalelwe **umteto omkulu** lowo wokuba kube kona **okupetweyo nokupeteyo.** Kunjalo

1. ezulwini.—Amaviyo ezingelosi, iviyo lokuti likulu kwelokuti. ULuzifer, wat'engakaguquki usatana, kutiwa, waedhlula zonke izingelosi. UMikael uy'*induna* yamabuto as'ezulwini.— Kunjalo

2. emhlabeni.—

(a) UNkulunkulu wat'ub' adale abantu, wamenza umuntu *inkosi yomhlaba* ngoba wati: « *Wubuseni-ke umhlaba, nibuse nezinhlanzi zas'olwandhle nezinyoni zas'emkatini nazo zonke izilwane ezinyakaza emhlabeni. Wabuya uNkulunkulu wati: Naku! ngininike sonk' isilimo esivez' imbeu emhlabeni, nayo yonke imiti ezivezela imbeu ngênhlobo zayo, kube ukudhla kwenu nokwezilwane futi . . .* » [3]) Aike, nakuba lo'mbuso w'onakala nganxanye ngokwona kwabantu (90), noko nas'emva kwozamcolo *uNkulunkulu wati ku'Noe namadodana ake: . . . . Ukun'esaba nokunixwaya, zonke izilwane zas'endhle nezinyoni zas'emkatini nako konke okunwabuzela emhlabatini nezinhlanzi zonke zas'olwandhle mazin'esabe, zinixwaye: konke kunikelwe esandhleni senu. Futi, konke okunyakazayo kupila kube ukudhla kwenu, ngininike konke loku, njengoba nganinika izilimo eziluhlaza.*" [4])

(b) Nas'*ezilwaneni* zizodwa kufumaniseka umteto lowo. Nant' ikonde likulu emhlambini wonke wênkau; nans' inkosi yênyosi, nenkosi yomuhlwa.

(c) Kunjalo ku'bantu bas'emhlabeni wonke:—

Endhlini: omkulu uyise, unina; omncane, umntwana nesisebenzi.

Emzini: omkulu umnumzana; abapetweyo, yibo bonke abanye bas'ekaya.

Esizweni: omkulu inkosi (nezinduna zayo); abapetweyo, yiwo wonke umpakati wabantu.

[1]) Ef. 6,2-3.—[2]) 5. Mos. 5,16. (Matth. 5,4. Mark. 10,19. Luk. 18,20.) [3]) 1. Mos. 1,28-30.—[4]) 1. Mos. 9, 1. 2. 3.

Embuswen: omkulu uHulumeni, inkosi, inkosikazi, u*parliament* (amakosi as'enkantolo, onongqayi nobani nobani); abapetweyo, yibo bonke abapansi kuka'Hulumeni lowo, umpakati wabantu pela.

EBandhleni: omkulu kulo lonke uPapa; abapetweyo, yibo bonke abanye, wonke umpakati belu wamakolwa—omkulu ezweni elitile umbishopu; abapetweyo, yibo bonke abanye bakulelo 'lizwe—omkulu esikolweni esitile umpriste osipeteyo; abapetweyo, yibo bonke abakuleso 'sikolo.—Kunjalo futi

3. *Esihogweni.*—Akufundwe okuku'*numbers* 438 & 500,3.

Kwazisa-ke ukuti (1) amandhla abakulu avele ku'Nkulunkulu. Ng'uye owadalile, efuna ukuba omunye abe mkulu k'omunye. Kwazisa nokuti (2) akubalekeki kulo'mteto. Ngako-ke akusizi 'luto ukuba umuntu ati, uyamlalela uNkulunkulu, engavumi ukupatwa abakulu bake, uNkulunkulu ab'enze izinduna zake. Kwazisa nokuti (3) abakulu bey'izinduna zika'Nkulunkulu lapa emhlabeni, ngabepata abapetwe yibo ngomteto ka'Nkulunkulu, loku induna ingesiyo inkosi, inomteto wokwenza ekutshoyo inkosi nokung'enzi ekwalayo.

I.

Abapetweyo.

1.

Abantwana.

544. Ngomteto wake wesine uNkulunkulu ufuna ukuba abantwana b'enze-ni na?

Ngomteto wake wesine uNkulunkulu ufuna ukuba abantwana b'azise, bahlonipe, balalele, batande abazali babo.

Indaba yabazali nabantwana ifana neka'Nkulunkulu nabantu. (1) UNkulunkulu ng'uye *Opakeme kuko konke* okukona: ngako-ke abantu banomteto wokumazisa nokumhlonipa. Ke, ukumbambela *Opakeme kuko konke,* kuyibo abazali abambambele ku'bantwana; ngako-ke banomteto *wokub'azisa nokubahlonipa* abazali. (2) UNkulunkulu uy'*inKosi enkulu* yabantu ngoba eng'*umEnzi* wabo *nomNinibo;* ngako-ke bonke abantu banomteto wokufuywa uye nokumlalela. E! Nakuloku abazali bambambele ku'bantwana; ngako-ke *ngabebalalela* abazali babo. (3) UNkulunkulu ng'uye *opa abantu konke* abayiko nabanako. Kodwa kazipeli njalo, uzifunela lapa emhlabeni abay'izandhla zake. Ke,

yibo abazali abayizo kakulu ku'bantwana. E! Njengaloko abantu benomteto wokutanda uYise was'ezulwini ngoba betandwa uye, kanjalo nabantwana *ngabetanda* abazali babo ngoba betandwa yibo.

Nank' uMoya ocw. uti: *Yazisa ugihlo ngenhlitiyo yako yonke, futi ungabokohlwa ukusikwa kuka'ngoko! Kumbula ukuti ngaungazalwanga ngapanahle kwabo, ub'enzele-ke njengaloko bakwenzela nawe* (bakupata kahle, bakusiza usemncane). [1]) *Akube yilowo nalowo, 'esabe uyise nonina.* [2]) *«Mntanami, lalela ugihlo ekuyala, ungacaluki kwakutshoyo unyoko!»* [3])

545. Umteto wesine ka'Nkulunkulu uyaketa yini ku'bantwana na?

Qabo, umteto wesine ka'Nkulunkulu auketi 'mntwana oses'emandhleni abazali bake, noma emncane noma emkulu.

Nans' indaba eyahlukanisa ukukolwa nobuqaba. Kuyabonakala ukuti emtetweni wabantu *simbili* izinhlobo: olunye ng'*abantwana*, olunye y'*izinsizwa nezintombi*. Emtetweni ka'Nkulunkulu *lunye nje*: bonke labo ng'*abantwana nje* kupela.—Inkonyana ezelwe inkomo yami namhla, is'emtetweni wami. Po-ke, la is'ikulile, is'il'itole is'iy'inkomo ngempela, angiti nalapo ises'emtetweni wami na? Yoz' ipume nje kuwo, mhla is'ikwesinye isibaya, ngoba mhlaumbe ngatengisa ngayo. Iyo pela indaba yomntwana osekubazali bake, engakabi nowake umuzi.

Ngako-ke umntwana okoliweyo osepansi kwabazali bake, ot' uma es'ekulile, 'ale ukupatwa yibo ngoba eti us'ey'insizwa, us'ey'intombi, ul'iqaba lo'mntwana, kasilo ikolwa. E! Ngamhla indaba yake itetwa uNkulunkulu, aiyikutetwa ngomteto wabantu, iyakutetwa ngoka'Nkulunkulu.

546. Umteto wokwazisa nokuhlonipa nokutanda abazali ungake ukete yini na?

Qabo, umteto wokwazisa nokuhlonipa nokutanda abazali auketi 'mntwana nanini, noma es'enowake umuzi noma esey'impunga.

Pela, wonke uBani eng'umntwana ka'Bani, woba uye aze afe, napambili.

547. Njengoba umntwana enomteto wokutanda nanini abazali bake, unowokubasiza futi na?

Njengoba umntwana enomteto wokutanda abazali bake nanini, unowokubasiza futi nanini.

[1]) Sir. 7, 28-30.—[2]) 3. Mos. 19, 3.—[3]) Ag. 1 8.

1. Ukusiza abazali *ngokwomximba nokwomhlaba.*

(a) Umzali egula:—Umntwana wat'egula wafunelwa abazali inyanga nemiti, wageinwa yibo emini nas'ebusuku. E! Ak'enze njalo naye, la sekuyibo abagulayo.

(b) Abazali bentula ukudhla nani nani:—Ukusiza *okuswelekile* nokufaneleyo, wonk' umntwana unomteto wokusiza abazali uma enamandhla okubasiza.

Umntwana okulile osebenza imali asize-ke ngayo, la kuswelekile nalá kufanele. Ukulonda enye imali ayisebenzile, akati, uma kubonakele ukuti uyise (umnumzana) akakwazi ukuyilondoloza nokuyisebenzisa, njengoba nembala imvama yabadala abakakwazi ukwalusa izinkomo lezo ezibomvana, kungeko 'sibaya sazo, akumbule ukuti kukona amasu okuyikweza nokuyizalisa imali.

(c) Umzali egugile:—Pela, ukuba ku'bantu abamnyama abazali abagugile, osekutiwa "baumhlabati nje", bapatwa kabi, abantababo bengasatandi nokubanika ukudhla, befisa ukuba batshetshe bafe "yikona bengayikuqeda ukudhla", kupambene impela nomteto ka'Nkulunkulu nowobuntu futi. Akuti uma umzali es'eguquke ingane, abantabake bampatise okwayo, njengaloko kwat' uma bona beseyizo izingane basizwa uye, funa bat)le icala el'esabekayo ku'Nkulunkulu.

2. Ukusiza abazali *ngokwompefumulo.* Umntwana ngaebasiza ngokubakulekela besekona nalapo bengaseko futi. Ngaezamel' ukubalungisa la b'ona, noma ngoba bengakakolwa, noma ngoba bekoliwe ebandhleni elingeyilo, noma ngoba bengahambisi okwamakolwa nakona beyiwo. Kodwa uma kung'umntwana uqobo oluleka umzali, ak'enze ngokubonis*a*, nangokuhlonipa okukulu.

548. Umteto wokulalela abazali uyabaketa yini abantwana na?

Qabo, nomteto wokulalela abazali auketi 'mntwana noma emncane noma emkulu, ukupela nje os'enowake umuzi angazipatela wona.

549. Umteto wokulalela auketi 'ndaba yini na?

Umteto wokulalela uketa izindaba ezilungileyo zona zodwa.

Amandhla abazali njengoba evela ku'Nkulunkulu, abazali bey'izinduna zake, kung'amandhla okufuna okuhle kona kodwa. La umzali eb'efuna okupambene nomteto ka'Nkulunkulu, kasesiyo induna yake, us'eng'eka'Satana. Ngako-ke: *Ukulalela kusw-*

leke ukulalela uNkulunkulu kunomunta. [1]) Kungako-ke uJesu wati: *Osuk' etanda uyise kumbe unina kunami kangifanele mina.* [2])

550. Umteto wesine ka'Nkulunkulu uketa abazali yini na?

Qabo, umteto wesine ka'Nkulunkulu auketi 'mzali nonjani.

1. Umzali ol'iqaba·—Umntwana okoliweyo o'bazali bake bang'amaqaba akakitshiwe emtetweni wokubahlonipa nokubatanda nokubalalela; inganti ng'uye os'ewazi umteto wonke ka'Nkulunkulu, 'azi nomteto wesine. Ke, (a) engakwazi ukwazisa ubuqaba nokwona kuka'yise, kuka'nina, enomteto kodwa noko wokwazisa nokuhlonipa nokutanda uyise nonina, ub'ezakwona uma eb'esuka ebadelela, engasakatali ngabo. Qabo, inhliziyo yomntwana onjalo ingahaulwa abazali bake, aze azame ukubasiza. *abakulekele*, abazamele ku'Nkulunkulu yonke imihla; *ababonise ukuti ukukolwa kuhle* ngokuba ehambisa okwekolwa eliyilo, ati-ke 'enza njalo, ab'enze inhliziyo yokulandela umkondo wake; *abalulekele*, uma kwenzeka, 'enza njalo ngokuhlonipa okukulu; *ababizele abapriste*, uma befa.—(b) *Abalalele* kuko konke okungapambene nomteto ka'Nkulunkulu. Ati *uma 'ahluleka ukubalaleta* ngenxa yomteto ka'Nkulunkulu, 'ale kambe, 'ale kodwa ngenhlonipo; avume nokutshaywa nokuhlauliswa kanjani elwela umteto ka'Nkulunkulu, angabambani nabo, angalwi nabo.

2. Umzali ol'iProtestante;—Aike, umntwana walo ak'enze naye njengoba kade sitsho.

3. Umzali owonayo:—Umntwana engakwaz' ukwazisa ukwona kuka'yise, kuka'nina, angaze abadelela, abahaukele pela, azame ukubalungisa njengamandhla anawo; futi angalokoti ukukuluma kabi ngabo nokubahlakaza kwabanye abantu *abangakwazi ukubalungisa.*

551. Ukwazisa, ukuhlonipa, ukulalela, ukutanda kwake abazali umntwana ak'enze njani na?

Umntwana ak'azise, ahlonipe, alalele, atande abazali bake enhliziyweni, akuveze nangomlomo nangokwenza kwake.

552. Umntwana at'uma elungiswa abazali, ak'enze njani na?

Umntwana at'uma elungiswa abazali, akavume, azitobe.

Naku akutshoyo uMoya ocw. ku'bantwana, uti: *Bantabami, talelani akutshoyo agihlo, ukwenza kwenu, y'enzani okunitolisa inhlanhla. Ngoba uNkulunkulu unidumisile uyise ku'bantabake,*

[1]) Enz. 5,29.—[2]) Matth. 10,37.

nonina umnqumelo naye izwi, ul'enze amandhla pezu kwabantabake. Otanda uNkulunkulu (at'enza njalo atande nomzali wake) *uyahlaula izono zake aziyeke, nangamhla ekuleka uyakutola akucelayo. Njengobuta amagugu, unjalo owazisa unina. Owazisa uyise uyakutokoziswa naabake abantwana; mhla ekuleka, atole akucelayo. Owazisa uyise uyakuhlala isikati eside kunabanye, nomlalela uyise uyamqabulisa unina. Oy'esaba inKosi uyab'azisa abazali, akonze abamzeleyo njengamakosi.*

Mazise uyihlo ngezenzo nangamazwi nangokubekezela, yikona eyaukuhlaba inhlanhla, inhlanhla-ke yake ihlale kuwe kuze kube s'ekugcineni. Ukuhlahlamelisa kuka'yise kupasa izindhlu; kepa ukuqalekisa kuka'nina kusipula isisekelo. Ungajabuli ngehlazo lika'yihlo, loku ihlazo lake linge udumo lwako, ngoba ukudunyiswa kwomuntu kuvela esitunzini sika'yise; uyise ongena'situnzi ufojisa umntwana.

'Mntanami, mycine uyihlo uma emdala, ungamenzi inhliziyo e'buhlungu esahlezi, nalapo ingqondo yake ingasengakanani, kuzibe, ungaze wamdelela ugabe ngokuqina kwako; ngoba into omnika yona uyihlo aina'kukohla. Necala lika'nyoko (alitola egugile, songati uy'ona, ehlupa engasaboni, engas'ezwa . . .) *uyakukokelwa lona, ubuhle bwakise indhlu yako, ukunjulwe* (inKosi) *mhla uhlupekile, izono zako zincibilike njengoba amanzi al'uqweqwe* (ngamakaza) *encibilikiswa ilanga. Njengaloko omshiya pansi uyise edumala, kanjalo ohlupa unina uyaqalekiswa ng'uNkulunkulu.*»[1]) «*Lalela uyihlo okuzele, nonyoko, uma es'egugile, ungamdeleli.*»[2]) «*'Bantwana, lalelani abazali benu kuko konke, ngoba kuhle loku enKosini!*»[3]) Kutiwa "kuko konke"—okuhle pela, loku okungekuhle kungebe "kuhle enKosini".

553. Umntwana alondiswe yini umteto wesine na?

Umntwana alondiswe umteto wesine ng'ukukumbula ukuti ng'umteto ka'Nkulunkulu nokuti unesitembiso senhlanhla wona.

«*'Bantwana, lalelani abazali benu ngenxa yenKosi, ngoba kuhle loku. "Y'azisa uyihlo nonyoko"—yiwo umteto wokuqala onesitembiso—"yikona uyakuhlala kahle, uhlale isikati eside futi emhlabeni.*»[4]) Pela, ngalesi 'sitembiso uNkulunkulu kaz'amukanga amandhla okumtata umuntu esemncane, esemutsha, ngoba angabona ezinye izisusa ezikulu azibonayo.—Nenye into ekona, kwabas'eTestamenteni elidala kwatiwa: «*Y'azisa uyihlo nonyoko . . . yikona uzauhlala isikati eside ezweni inKosi . . .*

[1]) Sir. 3,2-18.—[2]) Ag. 23,22.—[3]) Kol. 3,20.—[4]) Ef. 6,1-3.

eyaukunika lona», izwe belu ababetenjiswe lona abakwa'Israel; ke, izwe esitenjiswe lona tin' amakolwa yilo elapambili, izulu.— Nenye-ke into ekona, ongalondi umteto wesine, engalungisi akwonile kuwo, uyaukoliseka nalapa emhlabeni.

554. Umntwana alondiswe yini futi umteto wesine na?

Umntwana alondiswe umteto wesine naukukumbula ukuti akuko'nto enomvuzo omkulu kunokulalela.

T. d. 9. T. t. 9. 78. 54.

555. Yibo abazali uqobo bona bodwa yini abakulu ku'mntwana na?

Qabo, aku'bazali uqobo bona bodwa abakulu ku'mntwana, yilabo bonke futi ababambele abazali ku'mntwana, nabo bonke abantu abadala.

Inkonyana engiyifuyile, ukuba ihlezi esibayeni sami is'emtetweni wami mina uqobo. Kepa-ke, la ngisuka ngiyifaka esibayeni somunye umuntu, ngiti, akang'alusele, angikulisele yona, kuseyimi kambe ong'umniniyo. Kodwa seis'emtetweni walowo 'muntu engiyisise kuye: ivalelwe lapo kutsho yena, idhle lapo kutsho yena, it'uba yone, itshaywe uye. E! Injalo nendaba yomntwana.

Uma umntwana ehlala k'omunye umuzi, uma es'esontweni, es' esikoleni, uma esebenza k'omunye umuntu, kuyabonakala ukuti abakulu bakona babambele abazali bake, umntwana abe nomteto wokub'azisa nokubahlonipa nokubatanda nokubalalela, njengoba enomteto wokwenza njalo ku'bazali bake.

Umntwana uhlonipa nabo bonke abanye abantu abadala. *Ikanda elinezimvu wosukuma pambi kwalo, umhlonipe umuntu ol'ixegu: wesabe-ke inKosi, uNkulunkulu wako!* *)

Ukuhlonipa kwabantwana abakoliweyo kutand' ukubonakala ngokuba behlonipa wonke umuntu, bambingelele kahle, bakulume kahle, bazihlele kahle, noma kus'ekaya kubo, noma endhleleni, noma emzini abafike kuwo. Kuti-ke uma beng'enzi njalo, kwazise ukuti abalunganga, abakuliswanga ngomteto, abavutwanga — bahlaze-ke abazali babo nabafundisi babo.

Izono.

556. Umntwana uy'ona emtetweni wesine, uma 'enza njani na?

Umntwana uy'ona emtetweni wesine, uma ukucabanga nokufisa kwake, eng'azisi, engahlonipi, engalaleli, engatandi abazali bake.

*) 3. Mos. 19,32.

Izono ezinjalo ziy'enzeka ngokuvumela inhliziyo yokungalaleli abazali nokubakonondela nokubadelela nokub'eyisa nokubatuka nokubahlupa nokubazonda nani nani. Lezi 'zono kungaba ezingcono, kungaba ezibubisayo.

557. Umntwana uy'ona futi emtetweni wesine, uma 'enza-ni na?

Umntwana uy'ona futi emtetweni wesine, uma eveza ngomlomo inhliziyo yake embi ku'bazali.

Izono ezinjalo ziy'enzeka ngokuba umntwana eti "angifuni", ependula ngolaka, exabana nabazali, eb'eyisa ngamazwi, ebatuka; ebaqalekisa; ekuluma kabi ngabo ebahlakaza, epeketula îndaba zabo, ebaqambela; evusa abanye, ebakonondisa . . . Aike, nalezi 'zono kungaba ezingcono, kungaba ezibubisayo; nokukubekisa kungaba kona.

558. Umntwana uy'ona futi emtetweni wesine, lapo 'enza-ni na?

Umntwana uy'ona futi emtetweni wesine, lapo eveza inhliziyo embi ku'bazali nangokwenza kwake.

Umntwana uy'ona uma engahlonipi abazali, noma kubonakala ngokunyakama nokunyukubala, noma ngakwenzayo: engabalaleli, edonda, ebahlupa, ebatukutelisa ngamabomu; engavumi nokuba bamlungise, ebavukela, ebatshaya; ebahlaza, ebafojisa; engabasizi la kufanele nalá kuswelekile.

Naku okutshoyo uMoya oew. ku'bantwana ababi, uti: *Akab'eqalekisiwe onyasizi uyise nonina. Bonke abantu besebeti: "Amen"!* [1])—(loku ng'ukuti: "Akube njalo!") »*Omahlulile uyise, oxotsha nonina, uyazihlaza, uzihlolel' umhlola.*« [2]) »*Osuk' etshaya uyise kumbe unina akafe nokufa. . . . Osuk' eqalekisa uyise kumbe unina akafe nokufa!*« [3]) »*Iso elihlek' uyise, elidelela ukuba wazalwa unina, alicofozwe amagwababa emfuleni, lidhliwe amacwane okozi!*« [4]) T. d. 9. 20. 21. 25. 54. 62. 73.

2.

Izisebenzi.

559. Izisebenzi zinomteto yini wokuhlonipa nokulalela abakulu bazo na?

Yebo, izisebenzi zinomteto wokuhlonipa nokulalela abakulu bazo, zibalalele kuko konke okungapambene nomteto ka'Nkulunkulu, ikakulu kwezikuqatshelwe.

[1]) 5. Mos. 27,16.— [2]) Ag. 19,26.— [3]) 2. Mos. 21, 15.17.— [4]) Ag. 30,17.

Mibili imiteto okusuka kuyo amandhla abakulu abaqatshe izisebenzi:

1. umteto wesi 4 ka'Nkulunkulu, loku bebakulu, beng'abapeteyo. Ngako-ke isisebenzi esil'ikolwa siy'azisa umnumzana nenkosikazi esiqatshwe yibo nazo zonke izinduna zabo, sibahlonipa, sibalalela, sibasiza, sinaka okwabo kungati ng'okwaso.—Omunye,

2. umteto wesi 7 ka'Nkulunkulu, beholela izisebenzi ngomsebenzi wazo. Aike, le'ndaba iyakukulunywa pambili.

Izisebenzi ezikoliweyo azizame ukwenza ezikubonela enDodaneni ka'Nkulunkulu eyaba inDodana yomuntu. «*InDodana yomuntu aizelanga ukukonzwa, y'ezela ukukonza.*»[1]) (UKristo, inDodana ka'Nkulunkulu) *wazicita nyá etata isimo sesigqila* (isisebenzi esifuyiweyo pela).»[2]) — Az'enzise nokuka'Josef ocw. okutiwa elitanini lake: Wena 'sibonelo sezisebenzi, sikulekele!», oyena-ke wat'esebenza ngezandhla zake, esebenza nakwabanye abantu, way'ondhla inKosi yetu uJesu 'Kristo noNina ocw. — Asikumbule nokuti uJesu, inDodana ka'Nkulunkulu uqobo, wat'esey'insizwa, naye wahamba noJosef ocw. wasebenza ngezandhla zake.

560. Izisebenzi ziy'ona emtetweni wesine, la z'enza-ni na?

Izisebenzi ziy'ona emtetweni wesine, la zingahlonipi, zingalaleli, zingasizi abakulu bazo, nalapo zibahlupa.

Naku okutshoyo uMoya ocw. ngezisebenzi ngomlomo wabApostole uPetrus noPaulus. Kuyabonakala ukuti endulo imvama yezisebenzi, zazifuyiwe, okutiwa y'izigqila; ngako-ke abApostole bayakuluma lapa ezisebenzini *ezifuyiweyo,* ezigqileni pela. Kodwa amazwi abo ayazipata nezisebenzi *eziqatshiweyo.* Kutiwa-ke: «*Bonke abati bepansi kwejoka babe iziggila, mabahlale begonda ukuti abaninizo bafanele ukwaziswa impela, funa kudunyazwe igama lenKosi nemfundiso* (ey'ingcwele). *Ke, ezikwabakulu abang'amakolwa mazingalokoti ukubadelela ngokubane ziti, bang'abazalwane bazo* (ngokolo)*; qa, azibakonze kakulu kunakuqala, ngokubane beng'amakolwa, bey'izitandwa* (zenKosi ngokolo) *ezona zasizakala nazo* (ngokufumana ukolo).»[3]) «*Izigqila azikonze abaninizo z'enamisa ngako konke, zing'ali, zingantshontshi, ziyiloku zibonakalisa ukutembeka okubabazekayo, yikona imfundiso yomSindisi wetu iyaudumiseka njalo ngazo.*»[4]) «*Nina, 'zigqila, lalelani amakosi enu ngokwesaba nokwesaba, ai amahle natambile njena, qa, nanolaka nawo. Ngoba l'ixotsho, uma umuntu, ati 'aziwa ng'uNkulunkulu, abekezele ekuhlupekeni kwake, ehlutshwa engena'cala.*[5]) «*Nina*

[1]) Matth. 20,28.—[2]) Fil. 2,7.—[3]) 1. Tim. 6,1-2.—[4]) Tit. 2,9-10. —[5]) 1. Pet. 2,18-19.

'zigqilo, walaleleni amakosi enu anifuyile efuye imizimba yenu, niwalalele ngokwesaba nokututumela, ngenhliziyo enhle nje, njengo (ba nilalela no) *Kristo, ai ngenxa yokukolisa amehlo* (abantu) *nifuna ukwenamisa abantu, qa, n'enze ngoba, niti nikonza uKristo, n'enze akutandayo uNkulunkulu, n'enza ngenhliziyo, nikonza ngesibomu esihle, kungati y'inKosi eniyikonzayo, ai abantu, n'azi pela ukuti yilowo nalowo, noma ey'isigqila noma eng'umnumzana, uyakwamukela enKosini umvuzo wakwenzile noma 'enze-ni.*« [1]) Indaba ka'Giezi ("uGitsi") T. d. 73.

3.

Umpakati wabantu.

561. Wonke umuntu unomteto wokuhlonipa nokulalela abapete umbuso na?

Yebo, wonke umuntu unomteto wokuhlonipa nokulalela abapete umbuso, loku amandhla abo evele ku'Nkulunkulu.

1. Amandhla abapete umbuso avele ku'Nkulunkulu. La uPilatus wati ku'Jesu: »*Aukulumi kimina na? Awazi yini ukuti ngipete amandhla okukunqamuleza, ngipete namandhla okukutukulula na?*«, wapendula uJesu wati: *Ub'ungayikuba na'mandhla nakanye okungitshonisa, uma waungawapiwanga evela pezulu.*« [2])

2. Ukuhlonipa uHulumeni nabo bonke abanesikundhla pansi kwake. Nans' inCwadi ey'ingcw. ibiza amakosi nabakulu ngokuti "onkulunkulu", iti: »*Onkulunkulu ungakulumi kabi ngabo, nenkosi epete isizwe sakwini ungayiqalekisi!*« [3]) Kwati uma uAbisai efun' ukubulala uSaul, inkosi yakwa'Israel, la waengasalungile, uDavid wati kuye: »*Ungambulali, ng'ubani pela ong'elula isandhla sake atinte isigcotshwa senKosi, angatoli icala, na?*« [4]) »*Omkulu ukotame pambi kwake!*« [5]) »*Telani kubo bonke abafanelwe yiko: . . . abafanele ukwesatshwa* (inkosi, izinduna . . .) *nib'esabe; abafanele ukuhlonitshwa, nibahlonipe!*« [6])

3. Ukulalela imiteto ka'Hulumeni. Nang' uPaulus ocw. eyicaza le'ndaba, eti: *Yilowo nalowo 'muntu akahlale epansi kwamandhla abusayo, ngobapela kakuko 'mandhla, ng'ukupela kwavele ku'Nkulunkulu. Ke, ayiwo ngempela amisiwe uNkulunkulu. Ngako-ke osuk' emelene namandhla umelene nokumiswe uNkulunkulu; ke, abamelene bayakufumana* (kuye) *izwi lokuje-*

[1]) Ef. 6,5-8.—[2]) Joh. 19,10-11.—[3]) 2. Mos. 22,28.—[4]) 1. Kos. 26,9. [5]) Sir. 4,7.—[6]) Rom. 13,7.

ziswa. Ngobapela ababusayo kabana'kwesabisa ab'enza imisebenzi emihle, qa, bang'esabisa nje owenz' emibi. Konje, ukwesaba amandhla, aukufuni na? Y'enza-ke okuhle, yikona uzaubongeka kuwo, loku naku ekwenzisa okuhle ngokuba ey'isikonzi sika'Nkulunkulu. Kanti la wenza okubi, y'esaba-ke! Ngoba, njengaloko epete isinkemba, awasipateli ize, loku ey'isikonzi sika'Nkulunkulu, umpindisi otukutelela owenza okubi. Ngako-ke, njengoba kuswelekile kakade, hlalani nipansi kwawo, ai ngoba enganitukutelela nje, qa, nangenxa yokuz'azela kwenhliziyo (n'azi umteto ka'Nkulunkulu pela).*) UJosef noMaria, uNina ka'Jesu, balalela uHulumeni (T. t. 5.).

4. Imiteto ka'Hulumeni engapambene neka'Nkulunkulu iyambopa umuntu. Ukuba nga abakulu betshaya umteto opambene noka'Nkulunkulu, abasey'izinduna zake; ngako-ke akuvunyelwe ukuwugcina. T. t. 91. Ab'enza njalo amakolwa as'endulo, amakosi as'eRoma (oKesare) noHulumeni wonke beseamaqaba: alonda imiteto ka'Hulumeni. Kodwa kwati uma kutiwa, awenze into engalungile, akalahle ukolo, akonze onkulunkulu bamaqaba, 'ala nokwala, aza ati, kungcono ukwenzakaliswa nokubulawa kunokwenza into epambene nomteto ka'Nkulunkulu.

5. Ikolwa eling'umuntu elisepansi kwenkosi yakubo el'iqaba, lingalonda nje imiteto yayo (evunyelwe kambe uHulumeni) engapambene neka'Nkulunkulu. Kepa ukuba nga inkosi enjalo ib'ilinga ukul'alela nokulivimbela ukukolwa nokugcina imiteto yokukolwa, nokuligcinisa futi imikuba yobuqaba esolekayo emtetweni ka'Nkulunkulu, lapo-ke ikolwa linomteto wokulwela ukolo lwalo nokuluhlupekela, uma kuswelekile.—Kodwa uma kwenzeka, ikolwa alihlale pansi kwenkosi kumbe induna ekoliweyo, njengoba naku kutsho uPaulus ocw., ekuluma emakolweni as'eKorinth, eti: *Konje kukona pakati kwenu onesibindi sokuba ati, uma omunye etole icala kuye, amanyale kwabangalungileyo* (amaqaba pela), *angamangali kwabacwebileyo* (amakolwa belu) *na? Ke, an'azi yini ukuti abacwebileyo bayakuteta icala lomhlaba na? Po-ke, uma elomhlaba* (wonke) *litetwa yinina, akunifanele yini ukunquma indatshanyana njena na? Kan'azi yini konje ukuti siyakunquma indaba yezingelosi na? Kakulu kangakanani po eyokwomhlaba nje? Ngako-ke, uma kukona amacala okwomhlaba kinina, abadelelekile esikolweni* (sakini), *y'enzani bona amakosi okunquma amacala. Pela, ukuba ngitsho njalo, ng'enzel' ukunijabisa. Po-ke, nembala akuko 'sazi nesisodwa nje kinina esinganquma icala pakati kwabazalwane na?*

*) Rom. 13, 1-5.

Kanti (into ekona) *umzalwane umangalela umzalwane, futi ummangalela kwabange'makolwa!*»[1])

6. Ukusiza uHulumeni nabo bonke abanesikundhla pansi kwake:

(a) *Ukubakulekela.*—UPaulus ocw. uti: »*Ngako-ke ngiyatsho ngiti, into yokuqala, akukulekwe, kucelwe, kunxuswe, kubongwe ngenxa yabo bonke abantu, ngenxa yamakosi* (uHulumeni) *nabo bonke abapete isikundhla* (zonke izinhlobo zezinduna namapoyisa), *ukuze sihlale izwe litule, sihlale silunga singasoleki. Ngoba kuhle loku, kumnandi emehlweni ka'Nkulunkulu, umSindisi wetu, otanda ukuba bonke abantu basinde, b'azi isiminya.*«[2])

Kungako-ke ukuba emkulekweni wangas'emva kwenshumayelo kutiwe: Abang'amakosi nabakulu eBandhleni *naku'Hulumeni* ubakanyisele, ubahlumelelise amandhla, ukuze b'enze, banake konke okulungele ukudumisa wena 'Nkulunkulu, nokusisiza tin' abantu, nokuhlalisa kahle abeBandhla lako emhlabeni wonke. Ngenxa yaloku nemikuleko ekulekelwa isibomu sika'Papa, la kutand' ukuzuzwa isiyekelo esipeleleyo, iyakulekelwa namakosi omhlaba ang'oHulumeni emhlabeni wonke.

(b) *Ukutela imali.*—Naku okutshoyo uMoya ocw. ngomlomo ka'Paulus ocw., uti: *Kungaloku pela ukuba nitele imali etelwayo ngoba* (abapete amandhla) *bay'izikonzi zika'Nkulunkulu, ukukonza kwazo zikonzela kona loko* (ukuhlalisa kahle abantu bombuso belu). *Telani-ke kubo bonke abafanelwe yiko: abafanelwe imali yemizi, yiteleni kubo; abafanelwe imali yempahla* (engenayo ezweni), *yiteleni kubo; abafanele ukwesatshwa, b'esabeni; abafanele ukuhlonitshwa, bahlonipeni!*[3])—T. t. 59.

562. Umuntu wompakati uy'ona emtetweni wesine, uma 'enza-ni na?

Umuntu wompakati uy'ona emtetweni wesine, uma engahlonipi abakulu abanesikundhla embusweni, engalaleli imiteto ka'Hulumeni, engateli imali.

4.

Umpakati wamakolwa.

563. Lonk' ikolwa linomteto wokuhlonipa nokulalela abakulu beBandhla na?

Yebo, lonk' ikolwa linomteto wokuhlonipa nokulalela abakulu beBandhla, loku bey'izinduna zika'Nkulunkulu, beng'abazali balo ngokwomoya.

[1]) 1. Kor. 6,1-6.—[2]) 1. Tim. 2,1-4.—[3]) Rom. 13,6-7.

Lapa kasikulumi ngokuhlonipa abakulu beBandhla ngenxa yesikundhla leso sobupriste esil'uhlobo lwobuNkulunkulu. Lapa sikuluma ngabo njengoba

1. beng'abakulu, ngoba, bembambele uJesu 'Kristo, inKosi enkulu yeBandhla, bauHulumeni weBandhla lake; bembambele umAlusi omkulu, bang'abalusi bomhlambi wake. Kungako-ke uJesu wati: *Ozwa nina uzwa mina; odelela nina udelela mina. Ke, odelela mina udelela lowo ongitumile.* [1]) Nanjengoba

2. beobaba kitina, ngoba ngamasakramente abas'amukelisa wona bayasizala ngokwompefumulo, bayas'ondhla, bayas'elapa, bayasigcina sisapila nalapo sesifa, basisize nalapo sesifile.

Ngako-ke ikolwa, noma kung'umntwana noma umuntu omdala, liyabahlonipa, liyabalalela abakulu beBandhla, njengoba umntwana ehlonipa, elalela abazali bake.

564. Amakolwa anomteto wokutanda nokusiza abakulu beBandhla na?

Yebo, amakolwa anomteto wokutanda nokusiza abakulu beBandhla, njengoba nabantwana benomteto wokutanda nokusiza abazali babo.

Ukukipa isicelo seBandhla nabakulu balo,

okutiwa:

Ukukipa iminikelo.

1. Ng'umteto ovela emtetweni «*wokunika uKesare okuka'Kesare, nokunika uNkulunkulu okuka'Nkulunkulu*».[2])

E! Ukwaka indhlu yenKosi (isonto) nokuyifunela yonke into eswelekile nefanele (amalati, izingubo eziy'ingcwele, imifanekiso, izihlalo zokuvumisela, ezinye izihlalo, indhlela yonqamlezo, ugubu, nani nani) nokwaka izikole zabantwana abangafunda kuzo izindaba zika'Nkulunkulu nezinye ezilungele ukukulisa ingqondo abayipiwe uNkulunkulu –konke loku ku*umteto* emakolweni.

2. Ng'umteto ovela emtetweni *wokusizwa kwomzali ng'umntwana, nak'owokuholela osebenzayo.*

Pela, abapriste besiVumelano esitsha, abeBandhla elikatolike belu, kabavunyelwe ukuzuza imali nemfuyo njengamakolwa ang'amakolwa nje. Isikati sabo namandhla abo ompefumulo nomzimba, kuyapela ngokusebenzela uNkulunkulu nemipefumulo yabantu.

Kwakunjalo nas'*esiVumelanweni esidala.* Ngako-ke «*inKosi yati ku'Aaron: "Wena namadodana ako nayo yonke indhlu ka'yihlo kanye nawe, amacala 'enzeka endaweni ey'ingcwele* (etenteni lesiVumelano, etempeleni) *apezu kwako namadodana*

[1]) Luk. 10,16.— [2]) Matth. 22,21.

ako kanye nawe, izono zobupriste bwenu zotwalwa yinina; kepa nabafo wenu, abakwa'Levi belu, inzalo ka'yihlo, ubatate b'eze kuwe, bakusize bakukonzise." . . . *InKosi yabuya yati ku'Aaron: "Beka! La ng'etulelwa ingqalabuto, ngizinika wena. Konke, abakwa'Israel abakwetula kimi, ngiti, kung'okwako namadodana ako, kube y'imfanelo yenu emiyo ngenxa yesikundhla sobupriste. . . . Okunqabile emafuteni nas'ewaineni nas'engoloweni okwetulwa enKosini ngoba kuy'ingqalabuto, ngiti, ng'okwako. . . . Konke, abakwa'Israel abakwetula ngenxa yesitembiso esiy'ingcw., ng'okwako. Okul'izibulo kuko konke okupilayo, okwetulwa pela enKosini, noma kung'umuntu noma kuy'isilwane, ng'okwako.*" . . . *InKosi yabuya yati ku'Aaron: "Kanti izwe labo* (abakwa'Israel) *kaniyikutola 'zwe, kaniyikwabelwa 'sabelo pakati kwabo: yimina oy'isabelo nelifa lako pakati kwabakwa'Israel. Kungako-ke nginqumele abakwa'Levi yonke into yeshumi yakwa'Israel ibe imfuyo yabo ngenxa yesikundhla abasigcinela Mina eteuteni lesiVumelano".*«[1])

Umteto was'*esiVumelanweni esitsha,* nanku uJesu owawutshayela wona abApostole, wati: «*Noma niyakungena kuyipi indhlu, qalisani ngokuti: "Akube uxolo kule'ndhlu!" Kwot' inxa kukona indodana yoxolo lapo, uxolo lwenu luhlale pezu kwayo; nxa ingeko, luyakubuyela kinina. Ke, hlalani endhlini ibe'nye, nidhle nipuze okukona kubona. Ngobapela osebenzayo ufanelwe iholo lake. Ningaló nituta nitutela kwezinye izindhlu. Futi, noma nisuka ningena kulip' idolobo, n'amukelwa kona, yidhlani enikunikwayo . . . niti kubo: "Kusondele kinina umbuso ka'Nkulunkulu." Kepa, noma nisuka ningena kulip' idolobo, ning'amukelwa kona, pumani niye ezitaladini zalo, niti: "Naku! Notuli lwedolobo lenu olunamatele kitina, siluhlangula siluhlangulela kinina; kepa y'azini ukuti: Kusondele umbuso ka'Nkulunkulu." Kepa ngiti kinina: "ISodoma, kuyakuba ngcono kulo kunakulowo 'muzi ngalolo 'suku* (lwecala belu). . . . *Ozwa nina. . . .*"«[2]) Nang' uPaulus ocw. epata yona le'ndaba, eti: «*Kasifanelwe yini ukudhla nokupuza na? . . . Ng'umupi ot'esebenza umsebenzi webuto azipe eyake imali* (engaholelwa) *na? Ng'ubani ot'etshale isivina angadhli izitelo zaso na? Ng'ubá ot'alusa umhlambi angadhli ubisi lwalowo 'mhlambi na? Ke, ngitsho njalo, ngiyatsho nje yini ngoba abantu batsho njalo na? Umteto aukutsho yini kona loku na? Inganti kulotshiwe emtetweni ka'Moses ukuti: "Inkomo ebula ukudhla ungayifaki isimfonyo!" Konje y'izinkomo nje yini, uNkulu-*

[1]) 4. Mos. 18, 1-2. 8. 12-15. 20-21.—[2]) Luk. 10, 5-8. 9-12. 16.

nkulu azinakekelayo, na? Kakutsho yini ngenxa yetu tina na? Impela, loku kulotshiwe ngenxa yetu, ngoba olimayo ngaelima enetemba, nobulayo ngaebula enetemba lokuti uzaubuya nengqobe. Ukuba tina, ukuhlwayela kwetu okwomoya, sinihlwayelela nina, konje kuy'into enkulu yini ukuba, ukuvuna kwetu, sivune okwenyama yenu na? . . . Kan'azi yini konje ukuti abasebenzela endhlini ey'ingcwele badhla okwakona na? nokuti abasebenzela elatini bay'abelwa kanye nelati na? Kanjalo nabashumayela iVangeli, inKosi ibamisele umteto wokuti, ukupila kwabo, abapile ngeVangeli!»[1]) Nangu eti futi: «*Abapriste abagcina kahle isikundhla sabo, akutiwe, bafanele ukubongwa okubili, ikakulu abazibulala ngokusebenzela izwi nemfundiso. Ngoba imiBalo iti: "Inkomo ebula ukudhla ungayifaki isimfonyo!", iti futi: "Osebenzayo ufanelwe iholo lake".*»[2]) Eti, "bafanelwe ukubongwa okubili", uti, mabangabongwa nje njengabanye abantu abakulu, bapinde pela babongwe ngapezu kwabanye. Ke, ukubonga, akuso okwomlomo wodwa, okuyiko ng'ukubonga ngento. Nembala ngenxa yaleli'zwi lika'Paulus ocw. kwavela kona endulo umteto wokuba abapriste b'abelwe înxenye ezimbili zako konke okwetulwayo, eyesitatu iye kwabampofu.

3. Ng'umteto wenKosi yetu, uJesu 'Kristo, njengoba kade kuzwakala.

4. Ng'umteto weBandhla futi, njengoba liti: «*Kipa isicelo seBandhla nabakulu balo!*»

565. Umuntu weBandhla uy'ona emtetweni wesine ngokwenza-ni na?

Umuntu weBandhla uy'ona emtetweni wesine ngokwenza izono ezinjengez'enziwa umntwana ku'bazali.

Kuyabonakala ukuti imvama yalezi 'zono, ikolwa *liyakubekisa* ngazo.

Izono ezipambene nomteto wokukipa isicelo seBandhla nabakulu balo,

okutiwa,

owokunikela.

Seloku uNkulunkulu emise umteto wesine, abantwana batola isono, uma bengasizi abazali. Kanjalo amakolwa angasizi iBandhla nabakulu balo njengamandhla anawo ngokukipa imali noma impahla noma ngokusebenza, ayasitola isono, loku naku engalondi umteto wesi4 ka'Nkulunkulu nomteto wenKosi, uJesu 'Kristo, nomteto wesi5 weBandhla. Osuk' enamandhla okusiza.

[1]) 1. Kor. 9, 4. 7-11. 13-14.—[2]) 1. Tim. 5, 17-18.

'ale ngamabomu, *akateteleleki naku'Nkulunkulu*, njengaloku engateteleleki noma kung'umupi umteto ka'Nkulunkulu noweBandhla lake angawulondi. Ngako-ke ikolwa liy'ona:

1. ngokungakipi isicelo seBandhla licelela izinswelo zesikolo sakubo.—Liy'ona futi

2. ngokungakipi isicelo sabakulu, uPapa, umbishopu, abapriste.

Amakolwa akakumbule pela ukuti, ngokuba ekipa isicelo seBandhla nabakulu balo, sekung'uNkulunkulu uqobo onesikweleti kuwona. Po-ke, uNkulunkulu angahle angakipi yini izikweleti anazo na? Naku kutiwa: «*Mnike uPezukonke njengaloko akunikile wena; nikela-ke ngobuso obumnene njengemfuyo onayo, ngoba yiyo inKosi ey'enaniselayo, ize ikwenanisele ngesikombisa.*»[1]) «*Uma ufuye kakulu, pana! Uma ufuye kancane, awozama ngko ukupa okuncane ngenhliziyo enhle.*»[2]) «*Abanye batata k'okwabo bape abanye, bafuye kunakuqala; abanye bapanga okunge okwabo, kanti noko basale bempofu njalo.*»[3]) Umfelokazi was'eSarepta T. d. 69. UTobias T. d. 77. Umnikelo womfelwakazi T. t. 60. UTabitha T. t. 96.

Amakolwa akakumbule nokuti, selo kwaba s'endulo, abApostole besekona emhlabeni, kwayiló kwenziwa njalo eBandhleni. Nanti isu elihle alitshoyo uPaulus ocw. Uti emakolweni as'eKorinth: «*Umnikelo wokusiza abacwebileyo* (abeBandhla pela), *njengaloko ngati, awenziwe emabandhleni* (ezikolweni belu) *as'eGalatsia ngendhlela yokuti, nani y'enzani njalo! Ngomsombuluko wokuqala njalo* (ngesonto pela) *akube yilowo nalowo azigodhlele akubonayo ukuti kungalingana.*»[4]) E! Isonto ngesonto ikolwa ligodhlela uNkulunkulu neBandhla lake isabelo esitile esilingene namandhla elinawo.—Liy'ona

3. ngokungakipi isicelo seBandhla licelela izinswelo zabanye.

(a) Endulo amakolwa as'esikolweni sokuti ab'esiza amakolwa akwesinye ngeminikelo yawo:—Nang' Paulus ocw. eti emakolweni as'eRoma: «*Manje sengizauhamba ngiye eJerusalem, ngiyosiza abacwebileyo* (amakolwa belu). *Ngoba abas'eMakedonia nabas'eAkaya babona ukuti, kuhle ukuba babute iminikelwana, bayibutele abampofu kwabacwebileyo bas'eJerusalem. Ngoba bati, kuhle kona; nembala banesikweleti kubona, lokupela, ukuba abezizwe nabo b'abelwa okwabo okwomoya, ngabekoka isikweleti ngokubasiza k'okwenyama.*»[5]) Nangu epata yona le'ndaba ekuluma kwabas'eKorinth, eti: «*Siyan'azisa, 'bazalwane, ixotsho lika'Nkulunkulu elipiwe amabandhla* (izikolo)

[1]) Sir. 35,12-13.—[2]) Tob. 4,9.—[3]) Ag. 11,24.—[4]) 1. Kor. 16,1-2.—[5]) Rom. 15,25-27.

as'eMakedonia, elokuba, at'evivinywa ngokuhlupeka okuningi, ukujabula kwawo kwacicima, nokuba, at'empofu kakulu kakulu, imfuyo, anayo ngenhliziyo enhle, yacicima; ngobapela njengamandhla aenawo—pela nging'ufakazi wawo—nangapezu kwamandhla awo azitandela (ukukipa belu umnikelo wokusiza amakolwa ampofu as'eJerusalem), *asincenga, e! asincengisisa ukuba siwavumele ixotsho lelo lokusiza abacwebileyo* (amakolwa), *nawo asize njengabanye. E! Kawenzanga nje esasikutemba* (ukuti angakwenza: akipe iminikelwana nje), *qabo, aqala az'etula wona uqobo enKosini, abuya az'etula nakitina, 'enza kambe ngentando ka'Nkulunkulu, saze sayala uTitus sati, njengaloko waes'eqalile, ak'aqedele-ke kinina naleli 'xotsho* (lokuba nenhliziyo yokusiza ngeminikelo). *E! pela, nifuyile kakulu ngako konke, nifuya ukolo nezwi nokwazi nesineke sako konke, ikakulu nokusitanda tina—naleli 'xotsho ake nilifuye kakulu nalo! Ukutsho loku, kangikutsho ngendhlela yomyalo, qa ngokukutazela kwabanye ngizofunda utando lwenu* (ukutanda abakelwane) *noma luyilo yini. Ngoba niy'azi umusa wenKosi yetu uJesu 'Kristo, ukuti yaba mpofu ngenxa yenu, Yona belu eyaifuye kakulu* (ingakaz'enzi umuntu), *yikona niyakufuya kakulu ngokuba yaba mpofu* (is'ing'umuntu). *Ke, ngiyaniluleka kuloku; ngobapela kunifanele nina enati, selo kwaba nyakenye, naqala ukwenza njalo* (ukukipa isicelo seBandhla belu, abas'eMakedonia bengakaqali); *e! nokutanda ukwenza njalo, naqala kuqala; manje-ke kuqedeleni nangokwenza, kona-ke koti, njengoba inhliziyo yokutanda ikona, neyokwenza ibe kona njengemfuyo eninayo. Ngoba inhliziyo uma yona ikona, umuntu uyavumeka* (ku'Nkulunkulu) *njengaloko anako, ai njengaloko angenako. Ngobapela akutshiwo ukuti, bona abasizakale, nina-ke nixobiseke, qabo, akwenzeke ngokulingana belu; kwesamanje isikati nina, njengoba nifuyile, nibanike abakuntulayo, kona-ke nabo, uma befuyile, beyauke baninike enikuntulayo, kwenzeke ngokulingana-ke, njengoba kubaliwe ukuti: "Owaenokuningi* (ebute umana omningi), *kadhluliselwanga, nowaenokuncane kantulanga." . . . Ukunilobela kwami ngokusiza abacwebileyo* (amakolwa), *akusweleki ukuba ngilobe ngako. Ngoba ngiy'azi ukuti ninayo inhliziyo* (yokusiza), *engagaba ngani ngenxa yayo ngikuluma kwabas'eMakedonia, loku nelas'eAkaya* (lapo kwakukona belu umuzi was'eKorinth) *lilungisele loku selo kwaba nyakenye, nokukutazela kwenu kuvuse abaninginingi. Ke, ngitumile abazalwane labo* (oTitus), *funa loko esagabisa ngako, siti niyakwenza, kufunyaniswe kul'ize nganxanye, e! nifunyaniswe-ke nilungisele, njengoba ngitshilo; funa sit' uma sifika*

nabas'eMakedonia, banifumanise ningalungisele, sijabiswe-ke lapo tina [mhlaumbe ngangite: funa kujabiswe nina]. Kungaloku ngati, kuswelekile ukuba ngincenge abazalwane, bahambe kuqala baye kinina, babone ukuba isihlahlameliso leso (umnikelo belu) *enasivuma sifunyaniswe sesikona, kufane-ke nenhlanhla, ai nobuqongela. Naku-ke engikutshoyo ngiti: Osuk' ehlwayela okuncane, nokuvuna, uyauvuna okuncane; osuk' ehlwayeliswa y'inhlanhla, nokuvuna, uyauvuniswa inhlanhla. Akube yilowo nalowo akipe njengoba eziklamele enhliziyweni yake, angaze ati, uyahlutshwa, ati, uyapoqwa; ngobapela umniki owenamile, uye otandeka ku'Nkulunkulu. Kepa-ke, uNkulunkulu unamandhla okwenza ukuba yonke into, eniy'enza ngomusa, inicicimele, yikona noti, njengoba inhliziyo yenu yanele nje ngako konke izikati zonke, nifuye nokufuya, nifuyele pela ukwenza namup' umsebenzi omuhle, njengaloku kubaliwe ukuti:* "(UNkulunkulu) *uy'abela ape abampofu; ukulunga kwake kumi nanini.*" *Lowo-ke onika ohlwayelayo imbeu* (uNkulunkulu belu) *uyakumnika nesinkwa, adhle; an'andisele nembeu, an'enezelele nezitelo zokulunga, yikona noti, njengoba seniy'izicebi kuko konke, nicebisise, niccbele belu konke enikwenziswa y'inhliziyo enhle, okwenza ukuba kubongwe uNkulunkulu* (yilabo abasizwa yinina) *ng'ababongiswa yitina* (esite, abasizwe yinina)*; ngobapela insizo evela ngokuputuma* (kwenu) *ainiki nje abacwebileyo abakuntulayo, qa, iyaveza nezitelo eziningi kakulu ngokuba kubongwa uNkulunkulu* (ngenxa yokusizwa yinina). *Ngoba, njengaloko bebona* (ngamehlo) *insizo le, bayambonga uNkulunkulu ngenxa yenhliziyo yenu yokwenza enikuvumayo, nivuma pela iVangeli lika'Kristo* (eliti: Tanda umakelwane njengoba uzitanda), *nangenxa yenhliziyo enhle yokuti ni'libandhla linye nabo, ni'libandhla linye futi nabo bonke, benikulekela futi behalela nokunibona ngenxa yexotsho elikulukazi, uNkulunkulu anixotshise lona.*»*)

(b) Nanamhla amakolwa apetsheya (eEurope nas'eAmerika) 'enza njalo. Nanka ekipa imali nempahla, e! ekipa nabantabawo, yikona umsebenzi ka'Jesu nabApostole uyakuqubeka nas'emazweni *amaqaba*. E! Wona ayawugcina umteto wokunika uNkulunkulu okuka'Nkulunkulu, ayawugcina umteto wokusiza iBandhla nabakulu balo, ayaligcina ngokwenza kwawo lelo'zwi alitsho imihla ngemihla, eti: *"Umbuso wako maufike!"*, ufike belu nas'emaqabeni, ayawugcina umteto wokutanda abakelwane, behaulwa amaqaba angakaletelwa iVangeli. E! Nabantabawo abanjengaba-

*) 2. Kor. 8, 1-15. 9, 1-14.

priste nabasebenzisana nabo, nabo bayawugcina umteto ka'Jesu wokuti: «*Hambani niye emhlabeni wonke, nifundise izizwe zonke, nizibapatize . . .*», behaulwa imipefumulo yabantu.

Kwazis' ukuti nabantu balapa asebeng'amakolwa banomteto wokugcina **umteto wesine** ka'Nkulunkulu, owokusiza belu abakulu beBandhla, nokugcina **umteto wenKosi** wokuti: «*Abashumayela iVangeli abapile ngeVangeli!*», nokugcina **umteto wesihlanu we-Bandhla** wokuti: «*Kipa isicelo seBandhla nabakulu balo!*», nokugcina **umteto wokutanda abakelwane babo nokufikisa umbuso ka'Nkulunkulu nakubona.** Kus'obala ukuti ng'amanga odwa la kutiwa, amakolwa alapa awana'mteto wokusiza iBandhla nabakulu balo "ngoba amakolwa apetsheya nanka equba konke okuswelekile". Into ay'enzayo wona, abafundisi ayab'enza amandhla *okuqala* umsebenzi wabo emaqabeni, **amandhla okuqata** pela. La sekuqatiwe kona, amakolwa **ang'abantu abamnyama angaba nomteto omkulu kunawapetsheya** wokusiza ngawo onke amandhla awo ukuba nabanye abanjengabo baletelwe iVangeli, loku beng'abohlanga lunye nawo.

Wonke umuntu okoliweyo akaqonde-ke ukuti abakulu beBandhla kabasweli *ukuncenga* amakolwa ukuba agcine lo'mteto wawo, *loku ng'umteto.* Kodwa ikolwa eliyilo al'enzi ngokuba kung'umteto, qa, lona liy'enziswa yileyo 'nhliziyo ayitshoyo uPaulus ocw. eti: «*Siyanincenga, 'bazalwane, ukuba n'azise abanisebenzela bejuluka, abanipete benipatela inKosi, abanilulekayo; nib'azise-ke nokub'azisa, nibatande ngenxa yabakusebenzayo.*» *)

II.

Abapeteyo.

1.

Abazali.

Ukuti: "**Abazali bay'izinduna zika'Nkulunkulu ku'bantwana**", sokw'ezwakala ku'*number* 544.

566. Njengoba abazali bey'izinduna zika'Nkulunkulu ku-'bantwana, banomteto wokwenza-ni na?

Njengoba abazali bey'izinduna zika'Nkulunkulu ku'bantwana, banomteto wokubanakekela ngokwomzimba nokwomhlaba.

Ukubanakekela ngokwomzimba nokwomhlaba naku:—(1) Ukubafunela ukudhla nokwokwembata nani nani. (2) Ukubagcina, uma

*) 1. Thess. 5, 12-13.

begula. (3) Ukubafundisa okulungele ukubasiza, nokubayisa ezikoleni, noma ng'ezokufundisa inewadi noma umsebenzi nayipi into enhle. (4) Ukubajwayeza ukusebenza *njalo*. Nank' uMoya ocw. uti: *Ukungasebenzi kuyamfundisa umuntu okuningi okubi.* [1]) Uti futi: *Ongafuni ukusebenza, nokudhla, angadhli!* [2])

567. Njengoba abazali bey'izinduna zika'Nkulunkulu ku-'bantwana, banomteto wokwenza-ni futi na?

Banomteto wokubanakekela nangokwompefumulo, kakulu kona kunokwomzimba nje.

Ukubanakekela ngokwompefumulo naku:—

1. Ukubafundisa:—

(a) Babafundise kona ekaya, qed'uba baqale ukuhlakanipa, babatatele izindaba ezinkulu zokolo njengengqondo asebenayo.

(b) Babatumele lapo abantwana bafundiswa kona izindaba zokolo, esikoleni nas'esontweni. Nant' izwi aliponsile uPapa, uPius X., ngonyaka 1910, eti: «Abapete izingane (abazali, kumbe abababambele la bengaseko, umpriste umntwana avuma kuye, abamfundisayo esikoleni, umpriste opete isikolo) mabakumbule nomteto lowo ababotshwe ngawo **kanzima impela,** wokunakekela ukuba abantwana, **noma sebeqalise ukwamukela,** babe yiloku befika la kufundiswa kona ikatekisi **baze balifeze:** kwot' uma kung'enzeki loku, babalungisele ukufundiswa izindaba zokolo ngenye indhlela.»

Ukutumela abantwana ezikoleni ezipetwe ng'abange'makatolike kuy'ingozi; ngako-ke kungaba l'icala ku'bazali. Kungoba kwezinye akufundiswa izindaba zokolo nakanye, kwezinye ziyafundiswa kambe, kodwa zipambene nemfundiso yeBandhla elikatolike. Futi, imvama, abantwana bayapatiswa, bafundiswe izinewadi ezipete amanga ngalo iBandhla elikatolike, izinewadi belu ezibalwe ng'abangalitandiyo, kumbe ng'abalidelelayo, kumbe ng'abalizondayo. E! Nabafundisi bakona, ukukuluma nokufundisa kwabo, kufane nokwas'ezinewadini lezo. Aike, ukuba umntwana edukiswa kanjalo, elahlekeliswa inhliziyo yokutanda nokwazisa iBandhla eliyilo lika'Nkulunkulu, elahlekeliswa mhlaumbe lwonke ukolo, leli 'cala liyabuyela pezu kwabazali ababatumela ezikoleni ezinjalo.

2. Ukubatandazisa ekaya imitandazo yemihla ngemihla; pela, endhlini yekolwa, abazali nabantwana, bonke bayatandaza kanyekanye.

3. Ukubasontisa, ikakulu ngamasonto nangezinsuku ezinomteto wesonto.

4. Ukubalungisa ngokubayala nokubaluleka njalo, bebatshela ukuti umntwana okoliweyo wenza ukuti nokuti; nangokubayekisa

[1]) Sir. 33,29.—[2]) 1. Thess. 3,10.

okubi noma yikupi, beqala ukwenza njalo, umntwana esey'ingane nje; nangokubatetisa, nangokubatshaya la kuswelekile. «*Osuk'emncitsha uswazi uyamzonda umntanake; kepa omtandayo uhleze emfundisa.*[1]) Kanti ab'enze ngokubona, ai ngolaka nje: «*Nina 'boyise, ningababisi abantabenu ngolaka, funa bapelelwe inhliziyo.*»[2])

568. Abazali ngabegcina lo'mteto naku'bantwana asebekulile na?

Impela, abazali ngabegcina lo'mteto naku'bantwana asebekulile, loku bey'izinduna zika'Nkulunkulu ku'mntwana noma emncane noma ekulile.

Number 545.– Abazali abakoliweyo abangakuvumi loku bayawupika umteto ka'Nkulunkulu wokuti, ababe izinduna zake ku'bantwana. Futi bayatshiso, bay'enzisa okwamaqaba. Ngako-ke abateteleleki ku'Nkulunkulu. La beti, bay'ahluleka, kwazis' ukuti ababakulisanga kahle abantababo besey'izingane, ngoba okuliswe ngomteto selo waba mncane kana'kwahlula abazali la esey'insizwa, ey'intombi. Nganxanye banamanga, loku naku beng'ahluleki, la insizwa kumbe intombi yabo ingabalaleli ngezindaba zemikuba nemiteto yabantu abamnyama.

569. Omunye umteto omkulu, abazali abanawo, ng'umupi na?

Omunye umteto omkulu, abazali abanawo, ng'ukulungisa abantababo ngokwabo ukulunga, bexwaye nokuxwaya ukubakubekisa.

Abazali bang'onisa, bangakubekisa abantababo

1. ngokungagcini imiteto nemikuba yokukolwa: – bengatandazi, bengasonti, beng'amukeli amasakramente, beng'azisi, bengahlonipi, bengalaleli abakulu beBandhla, bekuluma kabi ngabo, bexabana nabo (mhlaumbe ngenxa yabantwana, bebavuna), b'enza nasip' isono esibonakalayo, esizwakalayo (njengokutuka kabi, ukudakwa, ukupinga, ukweba, nani).—Bangab'onisa, babakubekise

2. ngokungayeki ubuqaba, nakuba sebeng'amakolwa, besabambelele kuko konke loko okusoleka emtetweni woku1 ka'Nkulunkulu, bevuma, befuna ukuba nabantababo babe besakugcina; bebavumela, bebadedela, bebaziba la begila imikuba leyo esoleka emtetweni wesi6 ka'Nkulunkulu (ukwetshela okubi, ukutandana okubi, ukusoma, ukubapumela, nani nani); bekuluma okungafanele, abantwana b'ezwa; bevumela, bededela abafika ekaya ukuba b'enze njalo; betuka kabi, bebina, befungisela, b'enza-ni nani.

[1]) Ag. 13,24.— [2]) Kol. 3,21.

Konke ukwonisa nokukubekisa kambe kuy'isono es'esabekayo. Kanti ukwonisa nokukubekisa kwabazali, b'onisa bekubekisa abantababo, kukodwa, lokupela abay'izinduna zika'Nkulunkulu bez'enza ezika'satana kubon' abantababo.

570. Abazali ngab'enza njani, uma umntanabo ehlezi kwabanye abantu na?

Uma umntanabo ehlezi kwabanye abantu, abazali ngabesizana nalabo, uma beinlungisa umntwana.

"Abanye abantu", kungaba umuntu was'emzini, umntwana ahlezi kuye; kungaba abapriste nabakulu besikole, umntwana ahlezi kuso, afunda kuso; kungaba abantu noma abelungu abamqatshele ukusebenza. — Aike, njengoba umntwana ehlezi kubona, babambele abazali. Ke, njengaloko abazali benomteto wokulungisa umntwana, bamluleke, bamtetise, bamtshaye la 'ona, nababababambele banawo lowo 'mteto. Po-ke, uma begeina lo'mteto, besokusuka abazali babiyelele, bevuna umntanabo, baxabane nabo, babatuke, bab'enzeni— bayafana nabazali ababi abati, uma uyise elungisa umntwana, unina abiyelele; noma unina emlungisa, kubiyelele uyise.

Naku okutshoyo uMoya ocw. ngabazali. Uti: «*Nasi isaga sokuti: Umfana ubambelela endhleleni ayijwayele, kayikucezuka kuyo, noma es'egugile.*» [1]) «*Otanda umfana wake uyakuba y'ilό empatela uswazi, kona-ke eyakuba nokujabula ekugcineni kwake. . . . Ofundisa umfana wake uyakubatshazwa ngaye . . . Ihashi elingafundiswa liyakuba lukuni, nomfana ongakuzwayo uyakudhlanguluka. Mtetemise umfana wako, yikona ezaukutshayisa uvalo; dhlala naye, yikona ezaukuhlupa. Ungadhlali naye, funa uhlupeke, uze ugedhle amazinyo ekugcineni. Ungamniki amandhla esemutsha, ungaputi ukwazi okubangwa inhliziyo yake. Tobisa intamo yake esemutsha, utshaye inhlangoti zake esey'ingane, funa angab' esatobeka, angabe esakulalela, abangele umpefumulo wako ubuhlungu. Mfundise umfana wako, umkutazelele, funa ukutshwe ihlazo lake.*» [2]) «*Intombazana yako engaxwayile uyilonde nokuyilonda, funa ifumane ituba, isizakale. Vimbela ukungahlonipi kwamehlo ayo; ut'ung'enzi njalo, ungaze wamangala ngokuba ikudelela.*» [3]) «*Intombazana, kuswelekile ukuba uyise ayiqapele ing'azelele; ukuyilonda kum'amuke ubutongo, funa iguge isey'ingane, ilahlwe mhlazana yendiswa, yoniwe isey'intombi, ifunyaniswe imiti isekubo, ingaze yafunyaniswa iya kwamanye kumbe iy'inyumba, mhla yendiswa. Intombazana etand' ukushinga uyilonde noku-*

[1]) Ag. 22,6. — [2]) Sir. 30,1-2. 8-13.—[3]) Sir. 26,13-14.

yilonda, funa ikuhlaze eziteni zako, uhletshwe emzini, ufoje ku-'bantu, ikujabise pambi kwabantu bonke.» [1])

2.

Abaqatshe izisebenzi.

571. Njengomteto wesine abaqatshile izisebenzi bay'ini kuzona na?

Njengomteto wesine abaqatshile izisebenzi bay'izinduna zika'Nkulunkulu kuzona.

572. Njengomteto wesine abaqatshe izisebenzi banomteto wokwenza-ni na?

Njengomteto wesine abaqatshe izisebenzi banomteto wokuzipata ngokufaneleyo, nokuzigcinisa imiteto yamakolwa, nokuzilungisa, nokuzivimbela ukwona.

Abaqatshe izisebenzi kabana'kuti: kabana'ndaba nabo, baziqatshele umsebenzi nje. Banayo kakulu, loku njengomteto ka'Nkulunkulu banjengabazali kuzo. Aike, eminye imiteto abanayo ivela emtetweni wesi7 ka'Nkulunkulu.

3.

UHulumeni (inkosi).

573. UHulumeni kumbe inkosi iy'ini ku'bantu na?

UHulumeni kumbe inkosi iy'induna ka'Nkulunkulu ku-'bantu.

574. Banomteto wokwenza-ni kakulu na?

Banomteto wokuhlalisa kahle izwe lonke ngokumisa imiteto elungileyo, nokuhlaulisa ababi, nokulungisa abanye ngokwabo ukulunga.

EnCwadini ey'ingcw. kutiwa: (UHulumeni) *uy'isikonzi sika-'Nkulunkulu kuwe, sikwenzise okuhle . . . . . af'epete isinkemba, angasipateli ize, loku ey'isikonzi sika'Nkulunkulu, eng'umpindisi otukutelela owenza okubi.* [2]) «(UJosafat, inkosi yakwa-'Juda) *wamisela izwe abateti bamacala kuwo onke amadolobo . . . . wabayala abateti, wati: "Anobona enikwenzayo; ngobapela, ukuteta kwenu amacala, akuso umuntu enimbambele, y'inKosi; e! noma ninquma icala ngokuti-ni, kwobuyela pezu kwenu. Anibe nokuy'esaba inKosi, n'enze konke ngesineke; ngoba enKosini, uNkulunkulu wetu, akuko 'kuketa, akuko 'kuvuna ubanibani, akuko 'kutanda ukutengwa ngezinto".* [3])

[1]) Sir. 42,9-11.—[2]) Rom. 13,4.—[3]) 2. Xuny. 19,5-7.

Indaba yemiteto elungile nengalungile seyapatwa ku'*number* 561,4; neyamakosi ang'amaqaba seyakulunywa konalapo. Lapa sisakomba nje ukuti amakosi amnyama lawo 'alayo ukuba avume umteto ka'Nkulunkulu nokukolwa konke nje, angatola ku'Nkulunkulu icala el'esabekayo; ngoba, at'ebambelele emadhlozini nas'esitenjini, ayabavimbela abantu abaninginingi ukubamba indhlela ka'Nkulunkulu, inganti, uma yona inkosi yesizwe esitile is'ivuma indhlela ka'Nkulunkulu, nabantu bayo bangatola inhliziyo enkulu yokulandela inkosi yakubo. Ke, isitembu leso, amakosi amnyama 'ahlulwa yiso, amakosi amakulu abelungu, engenaso, akasiwo konje amakosi amakulu kakulu yini kunamakosi abantu na?

Umteto wabakulu beBandhla auswel' ukupatwa lapa, loku ng'abantu abang'*amakolwa nje* ababalelwa ikatekisi.

Umteto wesi5 ka'Nkulunkulu.

"Ungabulali!" [1])

I.

Uy'ala nokubulawa kwomuntu.

1.

Ukubulala umzimba womuntu.

575. Ngomteto wake wesi5 uNkulunkulu uy'enqaba ukuba umuntu 'enze-ni na?

Ngomteto wake wesi5 uNkulunkulu uy'enqaba ukuba umuntu abulale umuntu, umzimba wake.

1. Y'isono esikulukazi ngoba sipambene nemfanelo yomNini-'muntu. UmNini'muntu ng'umEnzi wake, uNkulunkulu. Uye yedwa opete indaba yokupila nokufa kwempahla yake eng'umuntu. Ngako-ke umuntu obulala omunye ngamabomu, uyazigaxa endatsheni enge eyake nakanci, uyawapanga amandhla ka'Nkulunkulu emonela pansi umuntu wake.

2. Kuzo zonke izinto zokwomhlaba, umuntu azipiwe uNkulunkulu, kaiko edhlula ukuba-kona nokupila kwake. Ke, obulala umuntu ngamabomu, enganikwanga amandhla ng'umNini'muntu, uyamamuka umuntu leyo'nto enqabile. Ucita inswebu ka'Nkulunkulu. Umpefumulo wake uyawutumela kwelipambili ung'azelele, ungazilungiselanga, inganti *kuy'into ey'esabekayo ukuba umuntu 'etuke es'es'ezandhleni zika'Nkulunkulu opilayo* .[2]) E! Ku-

[1]) 2. Mos. 10, 13. Matth. 5,21.—[2]) Heb. 10,31

y'isono-ke esipambene impela nomteto wokutanda umakelwane.

3. Kungako-ke kutiwa, ukubulala umuntu ngamabomu kuy'isono esikalela ezulwini, siti, uNkulunkulu akapind'inya. T. d. 5, 61, 71. T. t. 8, 33, 76.

Emtetweni omdala kwatiwa: «*Ocita igazi lomuntu, nelake igazi locitwa, loku umuntu, ukudalwa kwake, efuziswe uNkulunkulu.*»[1]) «*Y'izinto ezi'situpa azizondayo uNkulunkulu . . . izandhla ezicita igazi elingena'cala.*»[2]) «*Izono zenu ziyan'ahlukanisa noNkulunkulu wenu, amacala enu 'enz' ukuba anicatshisele ubuso bwake, angaze wanilalela. Ngoba izandhla zenu zinindwe igazi, iminwe yenu inindwe imbi.*»[3]) Emtetweni omutsha kutiwa: «*Osuk' ebulala umuntu, kakuko kuye ukupila kwapakade.*»[4]) «*Abangapandhle* (kwomuzi wangapezulu) *kung'abay'izinja, abatakati nezangoma, izifebe, ababulali, abakonz' onkulunkulu* (amadhlozi) *nayilowo nalowo otanda amacebo nowenza okunjé.*»[5])

4. Ukubulala *ngamabomu* okufumaniseka ku'bantu abamnyama: ng'ukubulala umuntu ngoba enukiwe, kutiwa, ung'umtakati (*numbers* 460, 468, 470, 477); ukujoja umtakati ebanjiwe ebusuku; ukudhlisa nokubemisa ngobuti; ukubulala kulwiwa (otshwaleni); ukubulala kwênswelaboya, kutand' ukumiswa, ukugonywa, ukubilwa ngamacwiyo; ukubulala kwezigebengu naolaita; ukubulala umuntu esamitwa (okipe isisu nabamsizile babandhlululiwe, baze batetelelwe, babuyiselwe eBandhleni ng'umbishopu nabanike lawo 'mandhla).—Akuvunyelwe futi ukupuzisa umuntu uminya, nokucupa ngeqondo, nokupata imiti yesilumo (noma kusoleka emtetweni woku1 ka'Nkulunkulu, noma k'owesi5), nokusebenza ngemiti yokuvala (**uma** ikona).

5. Ukubulala *ngokunganaki nje,* isibomu sokubulala singeko, kungaba isono esikulu, kungaba esincane. Kuy'indaba enqumeka ngokuti, ukunganaki, ukungaxwayi kwaya ngecala lalowo obulele na, 'azi na, ekumbulile na?

Naku okungafumaniseka ku'bantu abamnyama: Kuti uma sekulwiwa (mhlaumbe otshwaleni), umuntu angabi na'sibomu kambe sokumbulala umuntu amqede, afune ukumlimaza nje, kanti nango-ke es'epela; ukubulala kwenyanga eng'azi 'luto, ingakwazi okukona emzimbeni womuntu, ingay'azi imiti namandhla ayo (kwezininginingi izifo izinyanga zabantu zinjalo, ziti, ziy'elapa, kanti ziyabulala ngokung'azi kwazo; kwone zona, kwone nezilima lezo ezifun' ukwelatshwa yizo); ukwona impilo yezingane ngokuzinika ukudhla okungazifanele; ukugweba izingane (lo'mku-

[1]) 1. Mos. 9,6.—[2]) Ag. 6, 16-17.—[3]) Is. 59, 2-3.—[4]) 1. Joh. 3,15.—[5]) Amb. 22,15.

ba upambene ngempela nomteto wokuti: "Ungabulali!"; futi ul'ize, ngoba kausizi 'luto noluncí; indaba yesigweba, imvelo yayo, songati itatela endatsheni *yesono sakuqala;* kanti namp' abantu bengasayiqondi indikimba yaso, sebeti, ububi obwavela kuleso 'sono buy'elapeka ngokugweba loko, inganti buy'elapeka nje ngexotsho elicwebisayo nangamaxotsho asizayo nangokukuza intando); ukupatisa umuntu into ey'ingozi (isibamu esihlohliwe . . .) eng'azi 'luto, engaxwayisiwe.

6. Ukubulala *ngengozi nje,* kungeko 'kwazi, kungeko 'sibomu, aku'sono.

576. Akuvunyelwe nakanye yini ukubulala umuntu na?

Kuvunyelwe ukubulala umuntu ngenxa yobugebengu uHulumeni ambulala ngabo, nas'empini ekitshwe uHulumeni kumbe inkosi ezipeteyo, nangenxa yokuzilamulela engozini yokubulawa.

1. Encwadini ey'ingcw. maningi amazwi afakazela ukuti uNkulunkulu unike uHulumeni amandhla okubulala izigebengu, ahlaulise zona, at'etusa ngaloku abanye, abavimbele ukuxwala, avikele kanjalo abantu abalungileyo.

2. Impi ngaiqaliwe uHulumeni kumbe inkosi ezipete ngesisusa esifaneleyo, ai ngesibomu sokubulala, sokuhlupa, sokupanga njena.

3. La umuntu ekuqala, wena 'Bani, efun' ukukubulala, uvunyelwe, e! unomteto wokuzilamulela. Wot'uma ukwaz' ukumahlula ngokumlimaza nje, umlimaze, ungambulali; kodwa uma kung'enzeki, ungambulala.

577. Yiko ukubulala uqobo kona kodwa nje yini okwaliweyo na?

Qabo, akuso ukubulala kona kodwa nje okwaliweyo, kwaliwe nazo zonke izono ezibulalisayo, njengezolaka.

Ulaka, kutiwa, y'"isono esizalayo." Namp' abantwana balo: ukutukutela, ukuhlaba ngamazwi, ukutuka, ukupikisana, ukuxabana, ukuzondana, ukutshayana, ukubambana, ukulimazana, ukubulalana, ulunya.

Umuntu osileyo unesihe nezilwane futi, njengoba naku kutiwa enCwadini ey'ingcw.: «*Olungileyo unesihe nanempahla yake; kanti ihliziyo zababi zinolunya.*»*)

578. Konke ukutukutela kuy'isono yini na?

Qa, akuso konke ukutukutela okuy'isono, kukona ukutukutela okuhle, kukona okubi.

*) Ag. 12,10.

Ukutukutela *kuhle,* uma kung'okubi kona ngokwako okutukutelelwayo, njengoba noNkulunkulu etukutelela kona, ekuzonda. Yiko akukomba uPaulus ocw., eti: «*Tukutelani, kanti ning'oni!*» [1]) UMoses T. d. 39. UJesu T. t. 15. UPaulus T. t. 99.—Loku 'kutukutela kuswelekile kakulu ku'bazali nakubo bonke abakulu, batukutelele ukwona kwabapetwe yibo, yikona bezobalungisa.

2. Ukutukutela *kubi,* uma umuntu evumela, ededela, ekolisa inhliziyo yake embi.

579. Konke ukutukutela okubi kuy'isono esibubisayo yini na?

Qa, akuso konke ukutukutela okubi okuy'isono esibubisayo; kuyiso, la umuntu ededela ulaka olukulu, engazami ukulukuza nakuba es'ekumbulile.

Ukutuka *ngokwabantu* kungasoleka nas'emtetweni wesi6 ka'Nkulunkulu, ngokuba kutukwa ngezituko ezibi. Kus'obala ukuti kuyasoleka kakulu impela, uma amakolwa esagila lo'mkuba wamaqaba.

Ukutuka *ngokwabelungu:*—ukudemelaiza okuvela k'okuti *damned lies,* okuti ngesiNtu «amanga aqalekisiweyo»; *damn you, God damn you,* okuti «uNkulunkulu akakutshonise esihogweni», *damned* okuti «aube uqalekisiwe» kumbe «autshone esihogweni»: *damned fool,* okuti «we! 'situta esiqalekisiweyo», *bloody fool,* nokunye okunjé okubuywa nako emadolobeni. Abaqonde abantu abamnyama ukuti (1) umlungu ol'ikolwa eliyilo kapati izwi elinjé, nokuti (2) ukutuka okunjé kwomlungu kwazisa ukuti kakuliswanga ngomteto, eng'umuntu ongena'sizota nje. Ngako-ke kuyabonakala ukuti umuntu omnyama oziqenya ngokuti us'eyakwazi ukutukis' okwomlungu, uyazihlaza nje bo.

Naku okutshiwo enCwadini ey'ingew. ngale'ndaba. Kutiwa: «*Is'obala imisebenzi yenyama, yokuti: . . . ukuzondana, ukuxabana, ubukwele, ulaka, ukutetisana, ukupikisana, ukwahlukana kabili, umona, ukubulala, ukudakwa, ukuminza, nokunye okunjé. Ke, ngiyanitshela ukuti kuyakuba njalo njengoba senganitshela ukuti kuyakuba njalo, ukuti nje, ab'enzayo okunjé kabana'kutola umbuso ka'Nkulunkulu.*» [2]) UJesu uqobo wati: «*Nizwile ukuti kwatiwa kwabas'endulo: "Ungabulali!", nokuti, "osuk' ebulele ufanele ukuyiswa emacaleni". Kepa mina ngiti kinina: Yilowo nalowo otukutelela umfo wabo ufanele ukuyiswa enkantolo. Kepa oti ku'mfo wabo "raka" [3]) ufanele ukuyiswa*

[1]) Ef. 4,26.—[2]) Gal. 5,19-21.—[3]) isituko samaJuda, esiti "wena ol'ize".

k'omkulu. Kanti oti "we! 'siula" [1]) *ufanelwe igeheni* [2]) *lomlilo Ngako-ke, inxa wetula okwokubonga elatini, ut'ulapo ukumbule ukuti kukona okuxabanise umfo wenu nawe, shiya into yako yokubonga pambi kwelati, uhambe ugoxolelana nomfo wenu kuqala, and'uba uze ug'etule into yako. Autshetshe umxolele og'impi nawe, nises'endhleleni naye, funa nga og'impi akufake ku'mteti wamacala, umteti-ke wamacala akufake emapoyiseni, yikona uyakuvalelwa etilongweni. Ngiqinisile ngiti kuwe: Auyikupuma lapo, uze ukoke nendibilitshana yokugcina.* [3]) Wati futi: «*Nizwile ukuti kwatiwa "iso ngeso, izinyo ngezinyo". Kanti mina ngiti, ningalwi nokubi, qa, uma umuntu ekutshaya esihlatini sas'ekunene, mnikele nesas'ekohlo. Nofun' ukukamangalela akwamuke ingubo yangapansi, umdedele atate neyangapezulu. Nofun' ukuba uhambe naye amaxazi ag'inkulungwane inye, umpelekezele nezinye ezimbili.* [4]) Kutiwa futi: «*Ukupendula kamnene kupezisa ulaka; izwi elilukuni livusa ulaka.* [5]) *Kuti ilangabi lingakasuki, kuvuke umusi eziko nentutu yomlilo; kanjalo kuti igazi lingakacitwa, kuqalekiswe, kutukwe, kusongelwe.* [6]) *Tukutelani, kanti-ke ning'oni! Ilanga lingatshoni nisatukutele. Ningamdedeli usatana!* [7])

Nanka amanye amazwi apata ukubekezela noxolo. UJesu wati: «*Banenhlanhla abamnene, ngoba bayakulidhl'ifa izwe. . . . Banenhlanhla abanoxolo, ngoba bayakutiwa ng'abantwana baka'Nkulunkulu. Banenhlanhla abahlutshwa ngenxa yokulunga, ngoba ng'owabo umbuso wezulu. Ninenhlanhla lapo benituka, benihlupa, betsho yonke into embi ngani ngenxa yami beqamb' amanga: tokozani, n'esase, ngoba iholo lenu likulu ezulwini.*» [8]) Wati futi: «*Fukulani ijoka lami nilibeke pezu kwenu, nifunde kimina ngoba ngimnene, ngitobile ngenhliziyo, kona niyakutolela imipefumulo yenu ukupumula. Ngobapela ijoka lami limnandi, nomtwalo enginitwesa wona ulula.*» [9]) UMoya ocw. uti ngomlomo ka'Paulus ocw.: *Ekuhlupekeni ninyamezele! . . . Hlahlamelisani abanihlupayo: nihlahlamelise, ningaqalekisi! . . . Ukuzindhla kube kunye pakati kwenu! . . . Ningapindisi ku'muntu okubi ngokubi! . . . Inxa kung'enzeka, ngokwenu hlalisanani nabantu bonke ngoxolo. Ningapindisi, 'bangane, qa, nidedele ulaka luka'Nkulunkulu. Ngoba kubaliwe ukuti: "Ng'okwami ukupind'inya; yimina ozakwenanisela, itsho njalo inKosi."* Ngiti, noma silambile isita sako, sinike ukudhla, noma s'omile, sipuzise; woti-ke uma wenza njalo,

[1]) isituko esikulu samaJuda esikomba umuntu oy'isiula ngoba engakolwa ku'Nkulunkulu, ab'es'ejezisiwe uye engakafi nje.— [2]) isihogo.—[3])Matth. 5,21-27. —[4]) Matth. 5,38-41.—[5]) Ag. 15,1.—[6]) Sir. 22.30.—[7]) Ef. 4,26. [8]) Matth. 5,4. 9-12.—[9]) Matth. 11,29-30.

ubutele inkihlika yamalahle ekanda laso. Ungavumi ukwahlulwa okubi, qa, kwahlule okubi ngokuhle.» *)

580. Izono zolaka ziy'enzeka ngokukuluma nangokwenza kodwa nje na?

Qa, izono zolaka kaz'enzeki ngokukuluma nangokwenza kodwa nje, ziy'enzeka nangokucabanga nangokufisa.

Nazi ezinye izono ezinjalo: ukukonondela omunye enhliziyweni, ukumbambela amaqubu, ukumfisela okubi, ukumzonda.

Ukutanda izita akufundwe ku'*numbers* 410-413.

2.

Ukwona umpefumulo womuntu.

Isoniso, isikubekiso.

581. Yiwo umzimba womuntu wodwa yini, uNkulunkulu 'ala ukuba siwubulale na?

Qabo, akuso umzimba womuntu wodwa, uNkulunkulu 'ala ukuba siwubulale, uy'ala kakulu ukuba sibulale umpefumulo wake.

582. Umpefumulo uyabulaleka yini na?

Yebo, umpefumulo, ukupila kwawo okudhlula ubuntu, uyabulaleka ngesono esibubisayo.

Ukupila kwomuntu ku'nhlobo'mbili:—

1. Ukupila oku'luhlobo lwobuntu, umuntu uyakutola ngokuba ezalwa abazali bake. Umzimba-ke ungapelelwa ukupila loku ngokuba uyafa wona, upele. Kepa umpefumulo, qed'uba ube into epilayo, ube into ekona pela, ausena'kupelelwa ukupila loku, ngoba udalelwe umteto wokungafi nanini. Ngako-ke nokubulawa, ungeke ubulawe upele.

2. Ukupila oku'luhlobo lwobuNkulunkulu, umuntu uyakutola ngokuba ezalwa uNkulunkulu, njengoba kuyakuzwakala esahlukweni sexotsho elicwebisayo nakwesombapatizo. Ati-ke uma es'ezelwe uNkulunkulu ngokuba es'eqalise ukuxotshiswa loko 'kupila oku'luhlobo lwobuNkulunkulu, umpefumulo wake upile uma ixotsho lelo lisekona. Uma lingaseko, akuseko nempilo leyo e'luhlobo lwobuNkulunkulu, ufile-ke. Kwoti-ke uma, ukupuma kwawo emzimbeni, unayo le'mpilo, ube into epilayo nanini, uhlale lapo kukona ukupila kwapakade, ezulwini; uma ungenayo, ube into efileyo nanini, ufakwe lapo kukona ukufa kwapakade, esihogweni pela. Po-ke, le'mpilo yompefumulo

*) Rom. 12,12. 14. 16. 17. 18-21.

ingabulawa, ingabujiswa yini? Ingabulawa y'isono esikulu, okutiwa "esibubisayo" ngokuba sibubisa, sibulala ukupila oku-'luhlobo lwobuNkulunkulu. Aike, kus'obala ukuti yilowo nalowo 'muntu angazibulalela kanjalo umpefumulo wake. Kanti angabulaliswa futi.

583. Umpefumulo womuntu siyawubulala, uma s'enza-ni na?

Umpefumulo womuntu siyawubulala, uma siw'amuka ukupila kwawo oku'luhlobo lwobuNkulunkulu ngokuba simonisa umuntu, simkubekisa ngokukuluma noma ngokwenza kwetu.

1. Sing'onisa, sikubekise umuntu ngokuba (a) simenzisa okubi okutize noma yikupi, njengokudakisa, ukupingisa, nani nani. Singamonisa, simkubekise (b) ngokuba simvimbela ukwenza okuhle okutile noma yikupi, njengokumvimbela ukukolwa ngokuba ebona, 'ezwa ukwona kwetu tin' amakolwa, ab'es'eti, o! kubi kanti ukukolwa, ngingeze ngaba yilona.

2. Okunye ukwonisa nokukubekisa kwenzeka *ngesibomu sokwonisa.* Yiko okubi kakulu, ngoba ku'luhlobo lunye nokwonisa kuka'satana uqobo. Okunye kwenzeka kungeko leso 'sibomu, sona ngokwaso kambe, kukona kodwa ukwazi ukuti labo ababona ukwenza kwetu nab'ezwa ukukuluma nokwenza kwetu bangatola inhliziyo nesibindi sokuba nabo b'enze njalo, lokupela kul'iqiniso ukuti «*inhliziyo yomuntu itambekele ukwona selo waba mncane.*» [1])

3. Okunye ukwonisa nokukubekisa kwenzeka *ngas'ese,* kwaziwe nje ng'owonisayo nowoniswayo kumbe ab'oniswayo kupela. Okunye kwenzeka *obala,* kwaziwe abantu abaningi kumbe abantu bonke nje. Aike, nakuba nga *isono okwoniswa ngaso ngas'ese* sisikulu kunaleso okukubekiswa ngaso obala, noko *isoniso sanga-s'ese* singcono sona ngokwaso kunesikubekiso esis'obala; yingoba okubekiswa ngaso munye nje, noma kungemunye nje, bay'ingcozana.

UPetrus wat'efuna ukuvimbela uJesu ukusindisa umhlaba ngokuhlatshwa, uJesu wati kuye: «*Suka, buyel' emva kwami, 'satana* (okung'ukuti "omelene", "isita")*! Ung'umkubekisi kimi, ngoba aubangi okuka'Nkulunkulu, ubanga okwabantu.*» [2]) Umka'Putifar T. d. 22. OKore T. d. 45.

4. Nazi ezinye izinhlobo zokwonisa nokukubekisa ezifumaniseka kuleli'zwe:

(a) Ukukuluma nokwenza okupambene nokolo, ikolwa likulumisa l'enzisa okweqaba kumbe okweProtestante. Zininginingi

[1]) 1. Mos. 8,21. [2]) Matth. 16,23.

izono ezinjalo ezing'enzeka emakolweni, zipambene nganxanye nomteto wokul ka'Nkulunkulu, nganxanye nowesi5.

(b) Ukungagcini imiteto yamakolwa, ikakulu owesi3 ka'Nkulunkulu nowokul nowesi2 weBandhla.

(c) Ukufungafunga nokutuka nokubina nokufungisela ngamazwi amabi.

(d) Ukudakwa nako konke okuvela kuko.

(e) Ukukuluma ngokubi okupambene nomteto wesi6 ka'Nkulunkulu.

(f) Ukwetshela nokufeba njengamaqaba, nokuya emisindweni yawo.

(g) Zonke izono zamakolwa, noma zi'luhlobo luni, *eziy'izikubekiso ezis'obala,* noma kukubekiswa amakolwa ang'amaKatolike, ngoba angatoliswa inhliziyo yokwenza njalo nawo; noma kung'amaProtestante noma amaqaba, ngoba angavinjelwa ukufumana nokuvuma ukolo oluyilo.

584. Isoniso, isikubekiso, kuy'isono esikulu ngani na?

Isoniso, isikubekiso, kuy'isono esikulu ngoba akuso umzimba nje, kuumpefumulo uqobo obujiswa ngaso.

Esokubulala umzimba womuntu sikalela ezulwini, siti, uNkulunkulu akapind'inya. Po-ke ngesokubulala umpefumulo kungatiwani na!

585. Isoniso, isikubekiso, kuy'isono esikulu nangani futi na?

Isoniso, isikubekiso, kuy'isono esikulu nangoba os'enzayo ucita umteto omkulu wokutanda umakelwane, futi uw'enz'ize umsebenzi ka'Jesu, usebenza umsebenzi ka'satana.

Naku akutshoyo uJesu. Uti: «*Owonisa omunye kulaba 'bancinyane abakolwa kimi, kumfanele ukuba itshe lomtshini wokugaya libotshelwe entanyeni yake, atshoniswe olontweni lwolwandhle. Wou! yek' umhlaba ngenxa yezikubekiso! Kuswelekile kambe ukuba kuvele izikubekiso, kanti wou! yek' umuntu okuvela ngaye izikubekiso! Aike, inxa woniswa isandhla sako kumbe unyawo lwako, kunqume, ukulahle; ngobapela kungcono kuwe ukuba ungene lapo kukona ukupila* (kwapakade) *uy'ingini kumbe unyonga, kunokuba uponswe emlilweni wapakade unezandhla zombili kumbe inyawo zombili. Nalapo iso lako likwonisa, likipe, ulilahle; ngoba kungcono kuwe ukuba ungene lapo kukona ukupila* (kwapakade), *ul'icide, kunokuba uponswe emlilweni was'esihogweni unamehlo omabili.*»*) Wati futi: «*Wou! hai nina, 'zazi zomteto nabafarisi, nina 'baz'enzisi! Ngoba nivalela*

*) Matth. 18, 6-9.

abantu umbuso wezulu; ngobapela nina kaningeni, nabatand' ukungena niyabavimbela.» [1]) UPaulus ocw. uti: »*Ungabubisi . . . labo uKristo owabafela!* [2]) Uti futi: *Ningakubekisi amaJuda namaqaba neBandhla lika'Nkulunkulu!* [3]) Ukuti umonisi, umkubekisi usebenza ngempela umsebenzi ka'satana, naku kuzwakala ngakutsho uJesu, eti: »*Nivele ku'satana, eng'uyihlo, nakufisayo uyihlo niyafuna ukukwenza. Yena waeng'umbulali wabantu selo kwaba s'ekuqaleni.*« [4])

586. Umuntu ovum' ukwoniswa kana'cala yini na?

Yebo, umuntu ovum' ukwoniswa, naye unecala, loku wonk' umuntu enentando yokuzitandela.

1. Umuntu onjalo angakomba kambe lowo 'Bani omonisile; kodwa angeke azihlanguze ngaye, ngoba ngaeng'oniswanga uye, uma eb'engavumanga nangeyake intando. Ukulingwa, ukuyengwa, ukwoniswa ng'umuntu kufana nokulingwa nokuyengwa nokwoniswa ng'usatana. Usatana angeke ay'ahlule intando yomuntu ingazitandele yona; nomuntu angeke ay'ahlule intando yomunye umuntu ingazitandele.

2. *Ukukubeka* okutiwa *okwezingane* kwenzeka ngokuba umuntu, ofana nengane ngokung'azi 'luto, ngokungafundi 'luto, ngobutakataka, ekubeka entweni eyona ngokwayo inge'mbi, inge'sono. Ke, uma kwenzeka, ikolwa *liyaxwaya* nokukubekisa ingane enjalo. UPaulus ocw. uti: »*Ukwenza, nging'enza konke; kanti ukusiza, akuso konke okusizayo.* [5]) Uti futi: »*Nans' into enganiyixwaya: ukukubekisa o'butakataka ngokuz'enzela kwenu. Ngoba, uma umuntu ekubona wena onokwazi ucambalalele ukudhla endhlini yaonkulunkulu, ukuz'azela kwake, njengoba ku-'butakataka, akayikutol' isibindi yini sokuba adhle naye okubongile na? E! Abube-ke o'butakataka, ebujiswa ukwazi onako wena, kubube belu umzalwane uKristo owamfela! Ke, ukuba kanjalo n'ona abazalwane ngokusanganisa ukuz'azela kwabo, niyamona noKristo. Ngako-ke uma ukudhla kutand' ukukubekisa umzalwane wami, angiyikuyidhla inyama napakade, funa ngikubekise umzalwane wami.*« [6]) Uma kung'enzeki-ke ukuba siyeke okungakubekisa izingane ezinjalo, singazikanyisela, sizame ukuzibonisa ukuti esikukulumayo, esikwenzayo akukubi, aku'sono. —UJesu etela, etelela noPetrus. [7])

3. *Ukukubeka* okutiwa *okwabafarisi* kwenzeka ngokuba umuntu onge'ngane kambe, ofana kodwa nomfarisi ekubeka entweni angafanele ukukutshwa yiyo. T. t. 27. 45. Naku ukukubeka kwa-

[1]) Matth. 23,13.—[2]) Rom. 14,15.—[3]) 1. Kor. 10,32. [4]) Joh. 8,44. [5]) 1. Kor. 6,12.—[6]) 1. Kor. 8,9-13.—[7]) Matth. 17.

bafarisi bas'emihleni ka'Jesu. Kutiwa: *Kwasondela kuye* (uJesu) *abatelisi* (ababebabi, bedhla imali yabantu) *nezoni, b'eza'kumuzwa. Basebekononda abafarisi nezazi zomteto nazo, bati: "Lo wamukela izoni, futi nokudhla, uyadhla nazo!"*.[1]) Kuleyo 'nkati uJesu wahamba edabula amasimu ngesabbata. Ke, abafundi bake belambile baqala ukuka inqolowa nokuyidhla. Kepa abafarisi ababona loku bati kuye: *"Beka abafundi bako b'enza into okungavunyelwe ukuba yenziwe ngesabbata!"* [2])

Po-ke ikolwa l'enze njani lapa na? Nang' uJesu eyipendula le'ndaba eti: *Bayekeni* (abafarisi, abazikubekelayo belu)*! Bay'împumpute neziholi zêmpumpute. Ke, uma impumpute ihola impumpute, zombili ziyakukeleketela emgodini.* [3])

587. Ukuba owonise omunye ateteleleke, kusweleke-ni na?

Ukuba owonise omunye ateteleleke, kuswelekile ukuba, ngapezu kwokuzisola ngako, alungise isoniso sake njengamandhla anawo.

Alungise ngokubuyisa izwi 'onise ngalo; ngokuyeka isono akade 'onisa ngaso, azame ukuyekisa naseb'enzise okwake; ngokuzamela ab'oniswa uye, abatandazele pela, ab'enzele neminye imisebenzi emihle.—Kaninginingi kulukuni impela ukulungisa isoniso nesikubekiso. Ngesinye isikati akwenzeki nakanye; ngoba owaqalis' ukwoniswa us'onisa nabanye, nabo babuya b'onisa abanye, nanjalo pambili. E! Ikolwa elisileyo lingaxwaya impela ukwonisa nokukubekisa loko.

II.

Ukuzibulala.

1.

Ukuzibulala ngokubulala umzimba.

588. Umuntu uvunyelwe yini ukuzibulala na?

Qabo, umuntu kavunyelwe ukuzibulala, loku engazifuyile ngoba engazidalanga.

Osuk' ezibulala ngamabomu, ezipanyeka, ez'enza-ni, uyazitshonisa esihogweni ngamabomu, ngoba qed'ub'enze isono es'esabekayo ngokuzibulala, us'eyaqamuka pambi kwomTeti wecala, isikati sokulungisana naye singaseko.—Futi, onjalo uyabahlupa, uyabahlaza abakubo.

Njengomteto weBandhla ikolwa elizibulele kalina'kulahlwa nje-

[1]) Luk. 15,1-2.—[2]) Matth. 12,1-2.—[3]) Matth. 15,14.

ngekolwa, lilahlwa nje njengeqaba; kwenziwa njalo uma kwaziwa ukuti wenze ngamabomu, nokuti ub'esile engahlanyi.

589. Yiko ukuzibulala uqobo kona kodwa nje yini okunqatshelwe na?

Qa, kunqatshelwe nokuzibulala ngokwona impilo namandhla omzimba nompefumulo, nangokuzidel' amatambo ngapandhle kwesisusa esilingeneyo.

1. UmEnzi womuntu, uye ong'umNini'mzimba nomNini 'mpefumulo. Tina kasisibo abaniniwo, siy'izinduna nje zomNiniwo ong'uye, ezokumpatela belu umzimba nompefumulo wetu ngomteto wake. E! La singazipati kahle lezi 'zinto zika'Nkulunkulu, singazinakekeli, siz'ona nangamabomu, sitol' icala ku'mNinizo. Ngako-ke sinomteto wokunaka ukupila kwetu ngokufaneleyo, nokwelapa izifo ezitand' ukwona nokubulala amandhla omzimba nompefumulo.

2. Nazi ezinye nje izinhlobo zezono ezinjalo, ezifumaniseka ebantwini balapa.

(a) Ukuminza ekudhleni nas'ekupuzeni. Ukudakwa utshwala kuyay'ona impilo namandhla omzimba, kuyay'ona ingqondo nentando, kung'ona nenzalo. Ukudakwa ugologo, isishimeyana, umpe, isikokeyana, nani nani enjé kubi kunokudakwa utshwala. Aike, akuso konke ukudakwa okuy'isono esibubisayo. Le'ndaba inqumeka (1) ngokuti, umuntu ub'epelelwe yini ingqondo; ukuhlanza nje, ukubuya pela kwotshwala, akunqumi 'luto. Inqumeka (2) ngokuti, umuntu wat' esaya'kupuza w'azi yini ukuti uzaudakwa, waya noko na? nangokuti, wat'um' es'epuza, waqonda, wakumbula yini ukuti us'ezaudakwa uma engayeki na? Kwazis' ukuti indaba yokudakwa ifana neyezono zonke ezibubisayo; akuko 'sono esibubisayo, la kungeko indaba enkulu, nokwazi ukuti kung'enzeka isono, nokutanda noko ukwenza osokwaziwa ukuti kuyiso. Pela, nongaxwayi ingozi yokwona uyakutanda, uyakufuna ukwona.

Nanka amazwi as'enCwadini ey'ingew. apete le'ndaba. Aike, kwelakwa'Israel utshwala bwabung'aziwa, kw'aziwa iwaine. Ke, okutshiwo ngewaine kungatshiwo nangotshwala nangayip' into edakayo. Kutiwa: «*Iwaine lati lisadalwa ladalelwa ukutokozisa, alidalelwanga ukudaka.* [1]) *Iwaine liy'enamisa inhliziyo yomuntu.*» [2]) «*Iwaine lit'uma lipuzwa kahle nje, libe njengempilo ku'muntu; uma ulipuza kahle nje, auyikudakwa. . . . Uma iwaine lipuzwa kahle nje, liyatokozisa umpefumulo nenhli-*

[1]) Sir. 31,35.—[2]) Hlab. 103,15.

ziyo. Ukupuza kahle nje kuyapilisa umpefumulo nomzimba. Nxa iwaine lipuzwa kakulu, liyasabanisa, liyavus' ulaka, liyabubisa ngokuti nangokuti.«[1]) «*Ungayi ematshwaleni ezidakwa nas'emidhlweni yababuta inyama beyibutela ukuminza; ngoba abaya njalo ematshwaleni nabalungisa njalo imidhlo bay'onakala, ab'ozela njalo bayakwembata amanikiniki. . . . Ng'ubá okutiwa kuye: maye babo? ng'uyise ka'bani okutiwa kuye: maye babo? Ng'ubá ovelelwa izindaba na? Ng'ubá owetuka es'emgodini na? ng'ubá onezingozi kungeko 'sisusa na? Ng'ubá o'mehlo a'luntuntu na? Akuyilabo yini konje abahlala bepuza iwaine na? abayiloku beqeda izinkamba na? Ungalibeki iwaine ubone noma limpofana yini, la umbala walo licwazimula engilazini; liy'ehla kamnandi kambe, kanti ekugcineni lilume njengenyoka, litsake isihlungu njengemfezi. Amehlo ako azaubeka abesifazana abange'bako, nenhliziyo yako ikulume izinto ezingalungile. Uzaufana nolele olwandhle* (emkunjini), *ufane noqondisa isikebe es'ozela, elahlekelwe isitiyo, uze uti: Bangitshayile, kepa angizwanga 'buhlungu, bangihudula pansi, kanti angizwanga 'luto; ke, uma sengiyakuqabuka, ngingabuya ngilitole yini konje iwaine na?*» [2]) «*Ubufebe newaine nokudakwa kuqeda ingqondo.*» [3]) UJesu wati: «*Xwayani, inhliziyo zenu mazingasindwa ukuminza nokudakwa neminakonako yokuhlala loku.*» [4]) UPaulus ocw. uti: «*Ningadakwa iwaine, y'into efebisayo!*» [5]) «*Asihambe njengokungati kus'emini, singaminzi, singadakwa!*» [6]) «*Ningapambeki: . . . abay'izidakwa . . . kabayikutola umbuso wezulu.*» [7]) «*Nganibalela ngati, uma ubanibani oti, ung'umzalwane, . . . ey'isidakwa . . ., onjé, nokudhla nje, ningadhli naye!*» [8])

(b) Ukubema insangu, ukudakwa insangu, nako kuy'ona impilo namandhla omzimba, kuy'ona ingqondo nentando, kung'ona nenzalo. Abati, insangu ing'ukudhla kubona, ngoba kub'enza amandhla okusebenza, bapambekile; ngobapela, noma amandhla omzimba evuswa nje kambe, kodwa ngesikati ay'onakala noko. Nabati, bayabamba nje kancane, kabahlanguzeki. Ukubamba kancane nje, kona ngokwako kodwa, aku'ndaba enkulu kambe. Kepa nans' ingozi, ngoba obamba kancane uzautshetsha ajwayele, aze aqale ukudakwa, aze ajwayele ukudakwa loku, ab'es'eba umuntu wensangu.

3. Ukuzidel' amatambo ngesisusa esiyiso kuvunyelwe, kuhle, njengas'empini, kumbe ngenxa yokuputumela umuntu os'engozini. Okunye okwenzeka ngesingeyiso akuvunyelwe, njengokuziponsa

[1]) Sir. 31,32. 36-38.—[2]) Ag. 23,20-21. 29-35.—[3]) Os. 4,11.—[4]) Luk. 21,34. [5]) Ef. 5,18.—[6]) Rom. 13,13. —[7]) 1. Kor. 6,10.—[8]) 1. Kor. 5,11.

emfuleni ogewele ngenxa yokubabazeka, nani nani.

590. Ukuzifisela ukufa kubi na, kuhle na?

Ukuzifisela ukufa kubi, uma kuya ngokupel' itemba; kuhle, uma kuya ngenhliziyo yokufika kwa'Nkulunkulu.

Ozifisela ukufa ngokupel' itemba ul'igwala. Ozifisela kona, ngokub'etanda ukuba angabe esaba namandhla okwona uNkulunkulu, etanda ukumbona kwake ezulwini, ufana noPaulus ocw. owati: *Ngiyafisa ukwahlukana* (kwahlukane umzimba nompefumulo wami, ngife belu) *nokuhlala noKristo.*» [1])

2.

Ukuzibulala ngokubulala umpefumulo.

591. Umuntu uyazibulala, umpefumulo wake, ngokwenza-ni na?

Umuntu uyazibulala, umpefumulo wake, ngokwenza isono esikulu okutiwa ng'esibubisayo.

Number 582.—Nang' uNkulunkulu eti: «*Owona mina wona owake umpefumulo; bonke abangizondayo batanda ukufa.*» [2])

Umteto wesi6 ka'Nkulunkulu:

"Ungapingi!" [3])

nomteto we9 ka'Nkulunkulu:

"Ungafisi umfazi womakelwane wako!" [4])

592. Ngomteto wake wesi6 nangowe9 uNkulunkulu unqabela abantu ukwenza-ni na?

Ngomteto wake wesi6 nangowe9 uNkulunkulu unqabela abantu ukupinga nokukufisa.

593. Yiko ukupinga nokukufisa kodwa nje yini okunqatshelwe ng'uNkulunkulu ngale'miteto emibili na?

Qabo, akuso ukupinga nokukufisa kodwa nje okunqatshelwe ng'uNkulunkulu ngale'miteto emibili, ng'ukufeba konke okunqatshelwe ngayo.

594. Kubonakala ngani ukuti uNkulunkulu unqabele abantu konke ukufeba na?

Ukuti uNkulunkulu unqabele abantu konke ukufeba, kuyabonakala ngokuba ubadalele amandhla obuntu ngenxa yokuzalana nokwanda kwabo *kona kodwa.*

[1]) Fil. 1,23.—[2]) Ag.8,36.—[3]) 2. Mos.20,14. (Matth. 5,27).—[4]) 5. Mos.5,21.

1. Kona ekuqaleni, wat' uNkulunkulu ub'adale abantu, indoda nomfazi, «*wabahlahlamelisa, wati: "Zalanani n'ande, nigcwalise umhlaba".*»[1]) Wabuya w'enza njalo emva kuka'zamcolo, njengoba naku kutiwa: «*UNkulunkulu wahlahlamelisa uNoe namadodana ake, wati kubo: "Zalanani n'ande, nigcwalise umhlaba".*»[2])

2. Ngenxa yaloku uNkulunkulu wamisa umteto wokutatana. «(UJesu) *wapendula wati kubo* (abafarisi)*: "Kanifundanga yini konje ukuti owadala umuntu ekuqaleni, wabadala bey'indoda nomfazi, wati: "Ngako-ke indoda iyakushiya uyise nonina, inamatele ku'mkayo, yikona ababili laba beyakuba 'nyama-'nye." Ngako-ke kabase'babili ba'nyama'nye. Ke, akuhlanganisile uNkulunkulu, umuntu angakwahlukanisi".*»[3])

3. Akuko'zwi nelilodwa kuyo yonke inCwadi ey'ingcw. elivumela umuntu ukuba ubuntu bube y'into angadhlala ngayo, kumbe angaz'enamisa ngayo njengoba ezitandela nje. Kanjalo nas'emfundisweni yonke enikezelweyo yeBandhla eliyilo lika'Nkulunkulu, elingepambeke ukufundisa kwalo, akuko'zwi nelilodwa elivumela umuntu ukwenza into enjalo.

4. Kanti maningi amazwi enCwadini ey'ingcw. amnqabela umuntu ukufeba, enqabela *umuntu otatene nomuntu* ukwenza uto olung'enzelwa ukuzalana, enqabela *umuntu ongatatene na'muntu* ukwenza uto nolunjani ngobwake ubuntu kumbe ngobwomunye. (Lawa 'mazwi ayakufumaniseka lapo kuyakukulunywa kona ngezinhlobo zokufeba).

5. Kuyabonakala-ke ukuti emtetweni wesi6 kunjengak'owe9. UmEnzi womuntu, uye ong'umNini'mzimba. UmEnzi wamandhla lawo anqabile, amangalisayo, 'esabekayo, umEnzi wamandhla pela okuzala, uye ong'umNiniwo; umEnzi wobuntu, uye ong'umNinibo. Tina kasisibo abaninibo, loku naku singazidalelanga bwona. Siy'izinduna nje zomNinibo ong'uye, ezokumpatela belu bwona ngowake umteto. Ke, owake umteto kung'owokuzalana nokwanda kwabantu **ngesu lokutatana,** ukupela. Kwazis' ukuti umuntu ot' ukupata kwake ubuntu, abupatele okungavunyelwe umNini'muntu, utola icala kuye.

6. Ngako-ke le'miteto emibili, owesi6 nowe9, **bonke** abantu, abatatene nabangatatene bapansi kwayo.

Kukona kambe—nas'emaProtestanteni kukona—abati, ng'ukupinga kwabatatene kona kodwa nje, uNkulunkulu abanqabele kona abantu, beti, konke okunye umuntu angakwenza ngobuntu kuvunyelwe. Kus'obala ukuti kabayiqondanga into ekona. (a) Bati, ngokuba umteto uti nje: "Ungapingi!", "Ungafisi

[1]) 1. Mos. 1,28.—[2]) 1. Mos. 9,1.—[3])Matth. 19,4-6. (1. Mos. 2, 24.)

umfazi womakelwane wako!", kuy'ezwakala ukuti yiko kodwa nje okunqatshelwe, konke okunye okwenzeka ngobuntu kuvunyelwe. E! Naku kutiwa nje: "Ungabulali!", "Ung'ebi!", "Ungamfakazeli amanga umakelwane wako!", ngako-ke konke okunye okuhlangene nako kuvunyelwe yini konje! Aike, nabo kabatsho. Pela, wonk' umuntu osileyo uy'azi ukuti uNkulunkulu, wat'uma emisa imiteto yake *ngamafupi*, watsho yona into enkulukazi, okupetwe kuyo konke okunye okuhlangene nayo. Futi, uma bebeqinisile, kuya kanjani po ukuba enCwadini ey'ingew. uNkulunkulu 'enqabe ukuba kwenziwe uto olung'enzelwa ukuvela kwenzalo, 'enqabe pela ukuba kwenziwe okung'ubufebe na? (b) Bati, seloku uNkulunkulu emnikile umuntu amandhla obuntu lobo, umuntu angaz'enzela ngabo akutandayo. E! Ngabeqinisile, uma umuntu eb'ezidalile, uma bekung'uye ozidalele ubuntu lobu.

I.
Abatatene.

595. Njengaloku uNkulunkulu edalele abantu amandhla obuntu ngenxa yokuzalana nokwanda kwesintu, ubavumele ukuba b'enze-ni na?

Njengaloku uNkulunkulu edalele abantu amandhla obuntu ngenxa yokuzalana nokwanda kwesintu, ubavumele ukuba batatane.

Y'imvama yabantu, uNkulunkulu abanqumele ukuba batatane, 'enzela pela ukukwezeka nokwanda kwesintu. Kanti akuso yilowo nalowo onomteto wokutatana, njengoba kuzauzwakala napambili.

596. Ukutatana, njengomteto ka'Nkulunkulu, akwenziwe njani na?

Ukutatana, njengomteto ka'Nkulunkulu, indoda aitatane nomfazi abe munye, yikona ababili beyakuba 'nyama'nye.

1. Yilo'mteto owamiswa ng'uNkulunkulu kona ekuqaleni. *»UNkulunkulu w'aka-ke owesifazana ngobambo ab'elukipe ku-'Adam, waes'emusa ku'Adam. UAdam waes'eti: Nanti itambo elivele ematanjeni ami; nansi inyama evele enyameni yami; kuyakutiwa ng'umuntu wesifazana, loku evezwe k'okwomuntu. Kungako-ke umuntu uyakushiya uyise nonina, anamatele ku-'mkake, bati-ke be'babili babe 'nyama'nye.«**)

Kuy'ezwakala-ke ukuti uNkulunkulu wafuna ukuba babe *babili nje kupela;* ke, uma indoda inowesibili umfazi, kaisanamateli

*) 1. Mos. 2, 22-24.

ku'mkayo; kabase'babili, sebebatatu. E! Nabantu abamnyama, nakuba benaso isitembu, basafakazele lo'mteto ka'Nkulunkulu ngokuba nanamhla umfazi ong'uye, kutiwa, y'*inkosikazi,* ng'*umfazi omkulu,* inganti abesitembu, kutiwa, ng'*abafazi abancane.*

2. UJesu, inDodana ka'Nkulunkulu, uqinisela kona loku, eti: «*Kanifundanga yini konje ukuti owadala umuntu ekuqaleni, wabadala bey'indoda nomfazi, wati: "Ngako-ke indoda iyakushiya uyise nonina, inamatele ku'mkayo, bati-ke bebabili laba babe 'nyama'nye." Ngako-ke kabase'babili, ba'nyama'nye. Ke, akuhlanganisile uNkulunkulu, umuntu angakwahlukanisi!*"[1])

Ukuti ukutatana kwapakanyiswa ng'uJesu, kw'enziwa-ke isakramente; nokuti os'etatene nomuntu angetatane nomunyé, lowo owaetatene naye esekona; nokungena nokungenwa, kuyaukulunywa esakramenteni lomtshado.

3. *Isitembu,* kuyabonakala ukuti, sipambene nomteto ka'Nkulunkulu, loku sipambene *nobunye* bwomtshado, seloku uJesu waponsa lelo'zwi esikade silipata. Akusizi ukuba igagu lomuntu, liti ligabe ngeBaibele, lipikelele ukuti uNkulunkulu uvulele abantu ukuz'enzela nangapandhle kwokutatana ngokuba wati: «*Zalanani n'ande!*» Akusizi ukuba lipikelele ukuti isitembu silungile, likomba ukuti nabanumzana bas'endulo (abapatriarke abatize) nabakwa'Israel babenaso. Akusizi 'luto futi ukuba namabandhla atize amaProtestante ati, eBaibeleni, nas'eTestamenteni elitsha, akubonakali ukuti uNkulunkulu uy'enqaba ukuba umuntu abe nesitembu. Izwi lika'Nkulunkulu, elabuya lavuselelwa y'inDodana yake, uJesu, liqamile. Noma indaba yesitembu yaiti-ni endulo, noma «*uNkulunkulu wabadedela ngenxa yobulukuni bwênhliziyo zabo*»[2]) ukuba b'enze-ni, nansi inDodana ka'Nkulunkulu ivuselele *umteto wohlanga,* owobunye bwomtshado. Ke, osuk' efun' ukusinda, noma ey'inkosi noma eng'umfokazana, ngaewuvuma; ngobapela indaba yomuntu iyauke inqunywe ng'uNkulunkulu ngowake umteto lo.

597. Abatatene, uNkulunkulu ubavumele ukuba b'enze-ni na?

Abatatene, uNkulunkulu ubavumele ukuba b'enze okwenziwayo ukuba kuvele inzalo, *kona konke, kona kodwa.*

Kungoba uNkulunkulu wat'uma emisa umteto wokutatana, wawumisela ukuzalana nokwanda kwabantu.

598. Ngako-ke njengomteto ka'Nkulunkulu, abantu abatatene bayafeba, uma b'enza-ni na?

Njengomteto ka'Nkulunkulu abantu abatatene bayafeba,

[1]) Matth. 19,4-6.—[2]) Matth. 19,8.

uma b'enza endhlini yabo okung'enzelwa ukuvela kwenzalo, nalapo beya kwabanye.

1. *Ukwenza endhlini okung'enzelwa ukuvela kwenzalo:* nans' into engesiko ukufeba ngomteto wabantu abamnyama, *iyiko kodwa ngomteto ka'Nkulunkulu.* Abantu bati ng'*ukuhlobonga,* enCwadini ey'ingew. kutiwa y'*isono sika'Onan,* owagila lo'mkuba. «*Ngako-ke inKosi yambulala* (uOnan), *kungoba w'enza into ey'enyanyekayo.*»[1])

2. *Ukuya kwabanye, ukupinga* belu, okona kuyiko ukufeba nangomteto wabantu abamnyama, loku naku kutsho abadala ukuti isipingi sasibulawa, njengoba nas'eTestamenteni elidala kwakunjalo. Kutiwa: «*La indoda iya ku'mfazi womuntu, ababulawe bobabili, isipingi belu nesipingikazi; kususwe kanjalo okubi kwa'Israel! Kut'uma owesilisa eganwe intombi epelele, omunyeke ayifumane emzini alale nayo, bobabili abayiswe esangweni lomuzi, bapohlozwe-ke ngamatshe!*»[2])

Naku okutshiwo enCwadini ey'ingew. ngale'ndaba. Kutiwa: «*Iso lesipingi libeke ukuhlwa; siti sona: "Akuko'so eliyakungibona", simboze-ke ubuso. Besesifohla ezindhlini, sekumnyama, njengaloko bebenqumelene emini; kabafuni lapo kukanya kona. . . . ifa laso las'ezweni alibe liqalekisiwe! . . . umusa aukohlwe yiso! . . . singaze sakunjulwa, s'apuke njengomuti ongateli 'zitelo!*»[3]) «*Yilowo nalowo 'muntu osuk' eshiya okwake, engakatali ngompefumulo wake, eti: "Ngobonwa ubá? loku naku ngimbozwe umnyama, ngitukuswe izindonga, kamuko ongibekile, ng'esabe 'bani? noPezukonke kakumbuli izono zami" —onjé kacabangi kambe ngokuti iso lake* (uPezukonke) *liyabona konke, nokuti ukwesaba uNkulunkulu kuqedwa ng'ukwesaba abantu, kuqedwa futi ukwesaba kwabantu bemesaba* (lowo 'muntu). *Kacabangi ngokuti amehlo enKosi ayakanya kakulu kunelanga, ebeke zonke izindhlela azihambayo umuntu, ebeke nolonto olujulile, ebona ìnhliziyo zabantu, aze abone nezinto ezifihlekile nokufihleka . . . . Onjé uyakuhlauliswa èndhleleni zas'emzini, agaduliswe kuhle kwetole lehashi, abanjwe eng'azelele. Ajabe-ke pambi kwabo bonke, ngoba waengakatalanga ngokwesaba inKosi. Unjalo futi yilowo nalowo 'mfazi oshiya indoda yake, atole indhlalifa ngokulala nenye; ngoba into yokuqala, akakoliwe umteto ka'Pezukonke; into yesibili, uy'onile indoda yake; into yesitatu, ufebile ngokupinga, ezifunela abantwana kwenye indoda. Onjé uzaumiswa pambi kwompakati, besekubuzwa indaba yabantabake. Abantabake kabayikuba na'mpa-*

[1]) 1. Mos. 38,10.— [2]) 5. Mos. 22,22-24.— [3]) Job. 24,15-16. 18-20.

nde, inzalo yake ingateli 'zitelo; uyakushiya igama lake liqalekisiwe, ihlazo lake lingaze lapela. Abasekona engaseko baqondeke ukuti akuko'nto enhle kunokwesaba uNkulunkulu, nokuti akuko'nto emnandi kunokulonda imiteto yenKosi. [1]) *Ningapambeki! Akuso . . . izipingi . . . eziyakuwudhl'ifa umbuso ka'Nkulunkulu.* [2]) *Nina eniy'izipingi, kan'azi yini ukuti ukutandwa umhlaba lo ng'ukuzondwa uNkulunkulu na?* [3])

3. Kuyabonakala ukuti nako konke okunye umuntu otatene angakwenza nonjengaye (isono sas'eSodoma), kumbe nesilwane, kumbe ngokwake yedwa, kuyiko ukufeba, loku kupambene nomteto wokuba yena nomuntu atatene naye babe 'nyama'nye.

599. Abantu abatatene bayafeba nangokwenza-ni na?

Abantu abatatene bayafeba nangokucabanga nokufisa nokukuluma nokubeka nokupata okupambene nomteto wobunye bwokutatana.

Kuko konke loku okwenzeka ngapandhle kwomteto wokutatana abantu abatatene bandawonye nabangatatene. Kodwa kwabatatene sonk' isono esinjé ng'esokupinga. UJesu wati: «*Nizwile ukuti kwabas'endulo kwatiwa: "Ungapingi!" Kepa mina ngiti kinina: "Osuk' ebeka owesifazana 'enzel' ukumfisa us'epingile naye enhliziyweni yake".*»[4])

Kuyabonakala ukuti kuko konke loku *imikuba yabantu abamnyama ipambene nomteto ka'Nkulunkulu:* abesilisa bebodwa nabesifazana bebodwa bangakuluma kabi; indoda ing'etshela omunye owesifazana; umfazi ang'etshelwa omunye umuntu; umfazi ang'etshelela indoda yake k'omunye umuntu; indoda ingakulumisa abesifazana abaningi, loku ingaba nesitembu; umfazi angaba nesoka ngas'ese; bang'enza nokuti nokuti-ni kungasoli 'muntu; bangacabanga, bangafisa yonke into nenjani. Ke, indoda nomfazi abatand' ukulonda *umteto ka'Nkulunkulu* bangeke bakwenze konke loku. E! Indoda el'ikolwa, umfazi ol'ikolwa, bangeke bazihlanguze ngokukomba umteto wabantu abamnyama, ngobapela, mhlazana indaba yomuntu iyakutetwa ng'uNkulunkulu, kayikubuza umteto wabantu; uyakuyinquma ngowake umteto kupela.

600. Njengomteto ka'Nkulunkulu umuntu ofelwe umfazi kumbe indoda ubuyelwa 'mteto 'muni na?

Njengomteto ka'Nkulunkulu umuntu ofelwe umfazi kumbe indoda uyabuyelwa umteto wabangatatene.

Ngokutsho kwabantu abamnyama umfelwakazi y'"isibaya

[1]) Sir. 23, 25-37.—[2]) 1. Kor. 6, 9-10.—[3]) Jak. 4,4.—[4]) Matth. 5,27-28.

samadoda"; ngomteto ka'Nkulunkulu uhlonitshwa, waziswa kakulu, njengoba kuyakuzwakala napambili.

601. Amakolwa as'etatene angavinjelwa ukufeba ngokukumbula ukuti-ni na?

Amakolwa as'etatene angavinjelwa ukufeba ngokukumbula ukuti ayazihlolela ahlolela nomuzi wawo umhlola owesabekayo, nokuti ayaziyala 'ona isakramente lawo, nokuti ngemvama yezono ezinjé ayakubekisa kabi.

1. Umuzi ung'eme, uma ungahlahlameliswa ng'uNkulunkulu. *Uma kungey'inKosi ey'aka indhlu, basebenzel' ilize abay'akayo; uma kungey' inKosi elonda umuzi, ulindel' ilize omulondayo.* [1]) Ke, indoda nomfazi abafebayo bamnqabela, bayamvimbela uNkulunkulu ukuba ahlahlamelise umuzi wabo, ingani bam'enzela umteto wokuba abahlaulise.

2. Ukuziyala loko kuyakuqondakala esahlukweni sesakramente lomtshado.

3. Ukukubekisa, amakolwa anjé akubekisa abantaba'vo, namakolwa akwiti, namakolwa amabandhlabandhla, namaqaba. E! Mhla uNkulunkulu eyakuteta icala lawo, uyakubuza nendaba yabantu abavinjelwe ukulunga nokukolwa, bavinjelwa ngokukutshwa yiwo. Banamanga, la betandaza, beti: « *Umbuso wako maufike!* »

Nans' indaba ey'enzeka, yikona kungay'ikubako 'muntu ongapela itemba. Kutiwa: « *Ababali nabafarisi bayisa ku'Jesu umfazi ob'ebanjwe epinya. Bammisa-ke pakati, basebeti kuye: "Mfundisi lo'mfazi ubanjwe esapinya. Ke, emtetweni uMoses usiyalile uti, abanjalo asibapohloze ngamatshe. Wena-ke uti-ni na?" Aike, ukutsho loku, batsholo ukumcupa, yikona bezakwaz' ukummangalela. Kepa uJesu wakotama, wabala ngomunye emhlabatini. Kwat i-ke bengayeki ukubuza, walulama wati, kubo: Lowo kunina ongena'sono akaponse itshe kuqala, ampohloze!" Wabuya wakotama, wabala emhlabatini. Ke, abob'ezwe loku bapuma ngabanye, kuqala abadala; uJesu-ke wasala yedwa nomfazi emi pakati. Aike, uJesu walulama, wati kuye: "Mfazi, bapi abakade bekumangalela na? Kamuko okulahlile na?" Yena-ke: "Kamuko, 'nKosi!" Waes'eti uJesu: Aike, nami kangiyikukulahla; hamba-ke ungabe us'ona futi!* » [2])

[1]) Hlab. 126,1.—[2]) Joh. 8,3-11.

II.

Abangatatene.

1.

Kwenqatshiwe abangatatene b'enze-ni na?

602. Abangatatene, uNkulunkulu ubavumele ukuba b'enzeni ngobuntu bwabo na?

Abangatatene, uNkulunkulu akabavumele ukuba b'enze 'luto nalupi ngobuntu bwabo.

uNkulunkulu evumele *abatatene bodwa* ukuba b'enze okwenzelwa ukuvela kwenzalo. kus'obala ukuti abangatatene kabavunyelwe ukwenza 'luto olwenzeka ngobuntu.

Njengoba bengavunyelwe ukuz'enzela 'luto, kabana'kwenziswa 'luto abanye, kabanakugiliswa nokugilelwa 'mkuba ngenxa yobuntu bwabo onjengokugonqiswa nani, njengoba kuyakuzwakala esahlukwaneni samahloni.

603. Ngako-ke konke, abangatatene abangakwenza *nabanye* ngobuntu bwabo, kuy'ini na?

Konke, abangatatene abangakwenza *nabanye* ngobuntu bwabo, kung'ukufeba.

1. Ukwenza okwenziwa abatatene, noma kwenziwa nomuntu os'etatene noma nongatatene.

2. Ukusoma (ukuhlobonga).

3. Ukufeba kwomuntu nonjengaye (inkoshane); yiso isono okutiwa esas'eSodoma T. d. 14. [1]) Ngomteto omdala abanjé babebulawa. [2])

4. Ukupinga izilwane.[3]) Ngomteto omdala ab'enza okunjé babebulawa.[4])

604. Yiko ukufeba okupeleleyo kodwa nje okuy'isono na?

Qabo, akuso ukufeba okupeleleyo kodwa nje okuy'isono, nako konke okunye okwenzeka, umuntu 'ekwenziswa kumbe ekwenzela inhliziyo yokubi, kuyiso.

"Konke okunye" okunjengokupata, ukubeka ukuhlubulisa, ukuvezela umzimba; ukukuluma okunjengokumpentsha, noma kung'abesilisa bodwa abakulumayo noma abesifazane bodwa; ukuhlabelela amagama amabi; ukutuka ngezituko ezibi; ukubina;

[1]) 3. Mos. 18,22. Rom. 1,26-28. [2]) 3. Mos. 20, 13. [3]) 3. Mos. 18,23. [4]) 3. Mos. 20,15-16.

ukufungisela; ukukulumisa nokwetshela kabi. Kus'obala ukuti novumela omunye ukuba 'enze njalo nosizana naye uy'ona njengomunye lowo.

605. Oz'enzela yedwa ngobuntu bwake okunjengokwenzeka nabanye wenza-ni na?

Oz'enzela yedwa ngobuntu bwake okunjengokwenzeka nabanye uyafeba.

"Ukuz'enzela yedwa okunjengokwenzeka nabanye" noma ekolisa inhliziyo yokubi ngokuzipata noma ngokuzibeka noma ngamup' umkutshana, noma ngokuzifebela yedwa ngempela.

606. Izono zobufebe ziy'enzeka ngokwenza nangokukuluma kodwa yini na?

Qabo, izono zobufebe ziy'enzeka nangokucabanga nokufisa okwobufebe.

Nang' uJesu eti: «*Okuvela emlonyeni kusuke enhliziyweni, yiko-ke okungcolisa umuntu. Ngobapela enhliziyweni kuvela imicabango emibi, ukubulala, ukupinga, ukufeba, ukweba, ukufakazela amanga, ukujivaza uNkulunkulu.* [1]) Leli'zwi liyabalahla bonke labo abati, o! *ang'enzanga* 'luto, ngakuluma nje, ngacabanga nje, ngafisa nje. Oti, *ukukuluma* aku'luto, angampikisa yini uJesu uqobo oti: «Okuvela emlonyeni kusuka enhliziyweni» na? Kwazis' ukuti okuluma okwobufebe ukulunyiswa yiyo inhliziyo yobufebe. Oti, *ukucabanga nokufisa* aku'luto, ak'ezwe okutshoyo uMoya ocw. ngomlomo ka'Paulus ocw. eti: «*Izwi lika'Nkulunkulu liy'into epilayo, esebenzisisayo, ebukali kunasip' isinkemba esibukali ûnra zombili, enqumayo kuze kwahlukaniswe umoya nompefumulo, izito nomongo, etet' icala lemicabango nezifiso zenhliziyo. Akuko'nto edaliweyo engabonakali kuye; konke ku'buze, kwambuliwe emehlweni alowo esiyakulandiswa uye.*» [2]) Naku kutiwa futi: «*Umuntu ubona nje okubonakalayo. Kanti inKosi ibeke inhliziyo.*» [3]) *Numbers* 12, 22, 29, 194, 225.

Naku okutshiwo eNcwadini ey'ingcw. ngokufeba:— «*Kan'azi yini konje ukuti abangalungile kabayikuwudhl'ifa umbuso wezulu na? Ningapambeki! Akuso izifebe, . . . akuso izipingi, akuso abalala abanjengabo . . . abayakuwudhl'ifa umbuso ka-'Nkulunkulu. Pela, abatile kinina babenjalo kambe; kanti senahlanzwa, nacwetshiswa, nalungiswa ngegama lenKosi yetu uJesu 'Kristo nangoMoya ka'Nkulunkulu wetu. "Ukwenza ngi-*

[1]) Matth. 15,18-19.—[2]) Heb. 4,12-13.—[3]) 1. Kos. 16,7.

ng'enza konke"—kanti ukusiza, akuso konke okusizayo. "Ukwenza, nging'enza konke"—kanti ukubuswa, ngangingabuswa 'luto mina. Ukudhla kwenzelwe isisu; isisu s'enzelwe ukudhla; kanti uNkulunkulu uyauke agede sona (isisu), *agede kona* (ukudhla). *Kepa umzimba kawenzelwe ubufebe, wenzelwe inKosi* (ube isito somzimba o'kanda lawo ng'uJesu), *nenKosi yenzelwe umzimba* (inKosi, umuntu lowo uJesu, ong'umzimeli ka'Nkulunkulu, yenzelwe ukuba ikanda lomzimba). . . . . *Kan'azi yini ukuti imizimba yenu iy'izito zika'Kristo na? Po-ke, ngingahle ngitate yini izito zika'Kristo* (imizimba yamakolwa), *ngiz'enze izito zesifebe na? Hai, nakanye! Kumbe kan'azi yini ukuti onamatele esifebeni u'mzimba munye naso na? "Ngoba ababili bayakuba 'nyama-'nye", itsho njalo* (inKosi). *Kanti onamatele enKosini u'moya munye nayo. Balekelani-ke ubufebe! Sonk' isono, umuntu angasuka as'enze, singapandhle kwomzimba; kepa ofebayo uyaw'ona wona umzimba wake. Kumbe kan'azi yini ukuti izito zenu zil'itempele* (indhlu ey'ingewele, isonto) *loMoya ocw. ohlezi pakati kinina, eniwamukele ku'Nkulunkulu, nokuti kanizifuyile na? Ngobapela nitengiwe ngenana elikulukazi. Anidumise-ke uNkulunkulu ngomzimba wenu epakati kwawo!"* [1]) *"Ubufebe nako konke okupambene nokucweba . . ., nokuhaywa nje, makungahaywa pakati kwenu, njengoba kufanele kwabacwebileyo; kanjalo futi amanyala nokutshafuza ngobululwane nokulaula okungeyiko* (makungabiko), *qa, akube ukubonga. Ngobapela y'azini niqonde ukuti yilowo nalowo oy'isifebe nongena'kucweba . . . akana'lifa embusweni ka'Kristo noNkulunkulu. Ningapanjwa 'muntu ngamazwi al'ize; ngoba ngenxa yalezi 'zinto ulaka luka'Nkulunkulu lufikela abantwana bokungakolwa. Ngako-ke ningabi na'ndaba nabo! Lokupela nake naba ubumnyama; kepa manje ning'ukukanya ngenKosi. Hambisani-ke okwabantwana bokukanya; ngoba izitelo zokukanya zing'ubuhle nokulunga nesiminya; ake nivivinye nibone okuhle ku'Nkulunkulu; ningahlanganyeli imisebenzi yobumnyama engateli 'zitelo, qabo, nibonakalise ukusoleka kwayo. Ngoba okwenziwa yilabo ngas'ese, kul'ihlazo nokukutsho njena."* [2]) *Akufunayo uNkulunkulu ng'ukuziewebisa kwenu, ukuba nizibambe pela niyeke ubufebe, ukuba yilowo nalowo kinina 'azi ukufuya isitsha sake* (umzimba wake) *ngokucweba nangokudumiseka, ai ngokutshiseka ngenxa yokufisa, njengamaqaba nawo angamazi uNkulunkulu . . . ngobapela uNkulunkulu uyapind'inya ngako konke loku, njengoba sanitshela kugala saqinisa; ngoba uNku-*

[1]) 1. Kor. 6,9-13.15-20.—[2]) Ef. 5,3-12.

lunkulu kasibizelanga neze ukungacwebi, usibizele ukucweba.«[1])

«*Ngako-ke masilahle imisebenzi yobumnyama, s'embate izikali zokukanya. Asihambe ngokulunga, sihambe njengokungati kus'emini, ai ngokuminza nokudakwa, ai ngokwas'emalawini nokwobufebe . . . qa, y'embatani inKosi uJesu 'Kristo; inyama kodwa ningayinakekeli ngesineke, funa ifise.*»[2])

607. Sonk' isono sobufebe kuy'isono esikulu na?

Yebo, sonk' isono sobufebe, uma kuyiso ngempela, kuy'isono esikulu, esibubisayo.

1. "Uma kuyiso ngempela",

(a) ngoba akwenzayo *ekwenziswa* y'inhliziyo yokubi, eyobufebe belu, kumbe *ekwenzela* yona, noma ekwenza ngokwenza, noma ngokukuluma, noma ngokucabanga, noma ngokufisa, noma ngani;

(b) nangoba esuk'azi ukuti akwenzayo yiko okwobufebe;

(c) nangoba ekwenza noko, etanda, efuna, evuma ngentando yake, ngamandhla okuz'enzela pela anawo.

E! La kukona kokutatu loku, kukona isono esibubisayo sobufebe. Uma okunye kwokutatu loku kungeko, akuko 'sono esibubisayo.

2. Into ekona, ubuntu, uNkulunkulu amdalele bwona umuntu, abusiyo into embi ngokwabo—imbala uNkulunkulu angadala into embi yini na! Qa, bwona njengoba budaliwe uNkulunkulu buamandhla anqabile, amangalisayo, 'esabekayo. Okubi kungavela nje ngokuba umuntu ebupatela okubi, ebusebenzisela okupambene nabudalele Yena.

3. **Ukunquma indaba yokuti, okutize kuyiso isono sobufebe yini na,** kuyanqumeka ngokuti, konje engifun' ukukwenza, kumbe esengikwenza, *ngiyakwenziswa* yini inhliziyo yokubi na, *ngiyakwenzela* ukuyikolisa yona na?

Kanjalo, ukuzipata, uma umuntu ezipata ngoba esuswa ukugula, ukungcola, noma yisipi isisusa esiswelekile kumbe esifaneleyo, akuko 'ndaba ya'sono lapo, loku naku engasuswanga y'inhliziyo yobufebe. Futi, uma 'enza loku eng'azelele, engakumbulile, engacabangi, engafisi 'luto olubi, kungaba kambe y'into engafanele, kodwa ukuba y'isono, aku'sono, loku engasuswanga y'inhliziyo yobufebe, eng'enzelanga futi ukuyikolisa.—Kanti, la umuntu ez'azela ukuti, ukuzipata kwake, ususwe y'inhliziyo yokubi, 'azi nokuti 'enzela ukuyikolisa yona, y'isono leso.

Kunjalo kuzo zonke izinhlobo zokwenzeka kule'miteto emibili, owesi6 nowe9, noma kung'ukucabanga, noma ukufisa, noma

[1]) 1. Thess. 4,3-5.7.—[2]) Rom. 13,12-14.

ukukuluma, noma ukubeka, noma ukupata.

Ukupupa okwobufebe, kona ngokwako, aku'sono. Kungaba y'isono, uma umuntu esuka ecabanga, efisa, ekuluma, 'enza-ni eyobufebe ngesibomu sokubuyelwa yiko epupweni; futi uma engayeki okunjé, la kumfikele, 'azi, ekumbulile ukuti kungampupisa kabi. Ati-ke uma ekumbula ipupo elinjalo, alivumele, alijabulele, az'enamise, azilibazise ngalo, utol' isono, kakulu kona, uma elixoxela abanye.—Nokunye okungavela kulelwe ubutongo kunqumeka ngomteto wepupo.

4. Nenye into ekona--ukuba nga *umzimba* ujabulela ukucabanga, ukufisa, noma ukuti-ni kwobufebe, *intando ingakatsho* ukuti nayo ivumela kona, isalwa nako, akuko 'sono lapo, loku kuseukulingwa nokulwa, inganti kungeko 'sono esing'enzeka *ngapandhle kwokuvuma kwentando leyo yompefumulo.* Ngakoke *ukufikelwa nje* ukucabanga nokufisa nakup' ukulingwa kwobufebe aku'sono; isono siy'enzeka ngokuba umuntu at'uma *es'ekumbulile* ukuti ulingwa okwobufebe, akuvumele *ngentando yake,* akujabulele, az'enamise, azilibazise ngako.

2.

Kuvunyelwe ukuba abangatatene b'enze-ni na?

(a)

Ukulungisela ukutatana.

608. Abangatatene, la sebelungele ukutatana, bavunyelwe ukwenza-ni na?

Abangatatene, la sebelungele ukutatana, bavunyelwe ukufuna umuntu abangatatana naye, batandane naye ngapandhle kwesono betandanela ukutshada.

609. Ukutandana kwomfana nentombazana okuvumelene nomteto ka'Nkulunkulu yikupi na?

Ukutandana kwomfana nentombazana okuvumelene nomteto ka'Nkulunkulu yiko okwabatandanela ukutatana, bengatandaneli ubusoka nje.

Kune okuswelekile ukuba ukutandana kwabafana namantombazana abantu kuvumelane nomteto ka'Nkulunkulu:

1. Isibomu sokutatana.—Ukutandana okunjalo kul'*isu elidaliwe uNkulunkulu,* lidalelwe ukuba kwenzeke akutshilo ete: *«Zalanani n'ande!»* Kuyabonakala-ke ukuti kuy'into enhle emehlweni ake. E! Y'into ey'ingewele, loku, ukupelela kwayo, ipelela esakramenteni eliy'ingewele lomtshado. Impela, ukuta-

ndana okunjalo kuhle ku'Nkulunkulu naku'bantu; ngako-ke, nokubaca, akubaci 'ndawo, kuyakanya, loku kukuhle.

Ukutandana okunjalo yiko ukulungisela isakramente lomtshado. Angiti os'eyakwamukela isakramente (umbapatizo, ikomunione . . .) uyazilungisela kona, afunde okuswelekile, azame nokuzama ukuba ayeke, axwaye ukwona, nokuba 'enze okuhle? E! Ikolwa eliyilo, l'azi ukuti akuketeki emasakramenteni, liyazilungisela ukwamukela isakramente lomtshado njengoba lizilungisela ukwamukela namanye. Liti-ke l'enza njalo, lihlale ngetemba lokuti uNkulunkulu angahlahlamelisa indhlu eliyakungena kuyo nomuntu walo.—Kufuneka

2. *ubudala obulingeneyo.*—Kufuneka

3. *impahla kumbe imali elingeneyo.*—Njengaloko emtetweni ka'Nkulunkulu kwaziwa nje ukutandana okupelela ekutataneni, umfana nentombazana kabana'kuqala ukutandana bengakalungeli ukutatana njengeminyaka abanayo bazalwa. Futi, njengoba izintombi zabantu zilotsholwa, kabana'kuqala ukutandana kungakabiko amandhla okulobola nokuqala umuzi. Ukutandana kweminyakanyaka kuyasoleka, ngoba imvama kuyapela ngokulahlana; ke, amakolwa akafuni ukukohlisana, lokupela isisusa sokutandana kwawo kuyiko ukutatana. Kuyasoleka futi kakulu, ngoba kuy'ingozi yokwona.—Kufuneka

4. *ukung'enzisani izono.*—Ukutandana okunjalo akwazi 'sono, loku bengatandaneli ukwona, betandanela ukutatana. Bay'azi pela ukuti kuse*umfana nentombazana,* kaba'*ndoda nomfazi.* Bay'azi futi ukuti nalelo lokuti «umakoti» kumbe «umka» 'Bani alibapi 'mandhla okwenza 'luto ngobuntu bwabo, inganti **lapo bahlanganiswa kona kus'esontweni.** Enye into, njengoba betandene ngokuyiko, kabafuni ukubulalana imipefumulo yabo, loku bengafuni ukuba abatakati. Futi-ke, njengaloko bemazi uNkulunkulu, bemesaba, bemtemba, kabafuni ukuzihlolela umhlola, b'azi ukuti ng'uye uNkulunkulu opete indaba yomuzi abatemb' ukuwuqala, b'azi ukuti iyakulunga, uma uNkulunkulu ewuhlahlamelisa, nokuti iyakwonakala, uma Yena engawuhlahlamelisi. Bayaxwayake nokuxwaya ukwenza into engamtukutelisa Yena, funa abahlaulise. E! Ukulunga kwabo, ukwenza kwabo okuhle, yiko abancenga ngako ukuba aze ahlahlamelise indhlu abayakungena kuyo.

610. Njengomteto ka'Nkulunkulu iqiniso lendaba yokutandana libonakala ngani na?

Njengomteto ka'Nkulunkulu iqiniso lendaba yokutandana liyabonakala ngokutembisana kwomfana nentombazana ukuti bayakutatana.

611. Njengomteto weBandhla kuswelekile ukuba kutenjisanwe kanjani na?

Njengomteto weBandhla kuswelekile ukuba kutenjisanwe ngokubala kwabatembisanayo kanye nompriste opete isikolo, kumbe ngokwabatembisanayo kanye naofakazi ababili; konke okunye ukutembisana kul'ize.

Seloku kwaba l'ipasika lonyaka 1908,

Isitembiso sokutshada

sipetwe yilo'mteto wokuti:

«Ukutembisana okuyiko okwaziwa eBandhleni *yiloko kodwa zwi* okubaliwe, abatembisanayo bebala amagama abo kanye nompriste opete isikolo kumbe kanye nombishopu, noma kanye naofakazi ababili.»

«Kut'uma abatembisanayo bengakwazi ukubala bobabili noma emunye nje ongakwazi, ngakubalwa ukuti kunjalo; lapo-ke kufuneka omunye ufakazi waloku, obala igama lake kanye nompriste opete isikolo kumbe kanye nombishopu, noma kanye naofakazi ababili, njengoba kade kutshiwo.»

Aike, selo kwaba lelo 'langa,

ukutembisana okungabaliwe njengomteto lo akubopi 'muntu, e! akubopi nas'ekuboneni kuka'Nkulunkulu.

Ngako-ke ukutembisana kwomfana nentombazana bebodwa, noma pambi kwabanye abanjengompriste, nabazali, oyise, nobani, noma kwenzeka ngokucela intombazana kwabakubo, noma kwenzeka nangalup' uhlobo, kul'ize, la kungalondwanga lo'mteto weBandhla okade utshiwo.

612. Osuk' engalondi isitembiso esiyiso sokutshada wenza isono esingakanani na?

Osuk' engalondi isitembiso esiyiso sokutshada wenza isono esikulu, uma singapelanga ngokuyekana kwabo bobabili, noma ngesinye isisusa esiyiso.

Nazi ezinye izisusa eziyizo:—ukufunda ukuti lowo 'Bani okwatenjisanwa naye ul'ivila, uy'isidakwa, uy'isifebe (umfana 'etshela amanye, etandana namanye, 'enza-ni namanye; intombazana ivuma ukwetshelwa abanye, idubulisa abanye, yenza-ni nabanye); noma ukuti akalondi imiteto yamakolwa, ukuti usahambisa okweqaba; noma ukuti uxwalile nangalup' uhlobo; noma ukuti unesifo es'alana nenhlanhla yomtshado.

Esitenjisweni *esiyiso* somtshado kuyavela izivimbelo zomtshado. Esinye, okutiwa ng'*esivimbela umtshado,* sivela ngokuba os'etembisene nomuntu utshada nomunye, isitembiso sokuqala sisahle-

zi singapelanga ngokuyiko. Aike, owenza njalo uy'ona kakulu kambe, kodwa noko umtshado wake umi. Esinye, okutiwa ng'*esiw'enz'ize umtshado,* sivela esitenjisweni esiyiso somtshado, noma sisahlezi, noma sesapela ngokuyiko. Umtshado wowesilisa nomuntu wakubo wowesifazana asatembisene naye noma owaetembisene naye, ul'ize, uma kungatolakalanga imvumelo yeBandhla. Nomtshado wowesifazana nomuntu wakubo wowesilisa asatembisene naye noma owaetembisene naye unjalo.

613. Asebetandene, asebetembisene banomteto wokuti-ni na?

Asebetandene, asebetembisene banomteto wokuba bangahambisani ngas'ese, nokuba bangahlalisani, bangalali 'ndhlini-'nye kumbe emzini munye.

Njengoba ukutandana okuvumelene nomteto ka'Nkulunkulu kuy'into enhle, ey'ingewele, nanjengoba kung'azi 'sono, kungabangi 'luto olubi, abatandene kabacatshi 'ndawo, kabatshoni esikoteni nas'esihlahleni napi napi, kabapunyelwa, kabaswele 'busuku. *Bayahlala obala lapo wonk' umuntu angabona kona.*

Ngako-ke emakolweni ayiwo kul'*ihlazo lohlobo,* uma abatandene, abatembisene behambisana, behlalisana ngas'ese nas'ebusuku, nalapo behlala, belala 'ndhlini'nye kumbe emzini munye.

614. Ukutandana loko okujwayelekile ku'bantu abamnyama kuy'ini emtetweni ka'Nkulunkulu na?

Ukutandana loko okujwayelekile ku'bantu abamnyama kuyibo ubufebe emtetweni ka'Nkulunkulu.

1. B'enza kabi abazali abasuka bati **ezinganeni ezisezincane:** Wena 'Bani, ung'umyeni ka'Bani', kumbe, ung'umakoti ka'Bani», ngoba kuningi okubi okungavela kona.

2. Ekuboneni kuka'Nkulunkulu ukutandana kwabafana namantombazana, besebancane, **besey'izingane.** kul'uhlobo lwobufebe, kubanga okubi.

3. Ekuboneni kuka'Nkulunkulu ukwetshela **kwamabungwana** nokutandana kwawo **namantombazana ay'intanga yawo** kung'ubufebe, loku ukutshada kusekude nesibomu sokutshada singeko na'kubako, into ebangwayo yizona izono zobufebe. Kus'obala ukuti nentombazana enjalo, ekuboneni kuka'Nkulunkulu iz'enza isifebe ngokuba ivum' ukwetshelwa kanjalo nokushingisana nomfana.

4. Ekuboneni kuka'Nkulunkulu ukutandana kwomfana nentombazana **asebey'insizwa nentombi, bengenaso isibomu sokutatana,** kung'ubufebe,

(a) noma umfana etandana **nainye nje,** isibomu sokutatana

bengenaso.—Uma umfana eti, "usafunda" nje, afunde-ni konje? afunde ubufebe.—Uma intombazana iti, yona itand' ukutatwa yilowo 'mfana, kodwa ayazi noma yena ebanga ngempela umtshado, kwazis' ukuti isel'iqaba, ngoba intombazana ekoliweyo aina'kuvuma umfana, ing'azi noma ebanga wona umtshado yini.—Kung'ubufebe,

(b) uma umfana etandana **namantombazana**, kungeko neyodwa afun' ukutatana nayo. Ukuba umfana enesitembu esinjé, nokuba intombazana ivum' ukuba ibe kuye njengomfazi wesitembu, kung'ubufebe bwohlobo.—Kuyibo,

(c) uma umfana etandana **namanye ngapandhle kwengoduso yake.** Aike, njengoba kusey'isitembu, kus'obala ukuti ekuboneni kuka-'Nkulunkulu **umfana** onjalo **uy'isifebe,** nokuti **yileyo naleyo 'ntombazana** engey'ingoduso kuye **iyiso,** nokuti **ingoduso** nayo **indawonye naso,** loku nansi ivumel' umfana, ing'ali ukuba 'enze umkuba wobufebe obunjalo, ivuma izixebe zake lezo, itandana nazo. Bobabili, umfana onjalo nengoduso enjalo, bayalungisela ukupinga kupingwe la sokutshadiwe, ngobapela umfana okade ejwayele isitembu engakatshadi, kayikukolwa umfazi munye la es'etshadile.

Intombazana ebambelele emtetweni ka'Nkulunkulu kaitandani na'muntu, uma itemba lokuti ingatatwa uye lingeko. Ngako-ke kaina'kuqoma, kaina'kuvuma, kaina'kutandwa 'muntu, *ingak'azi* ukuti ubanga-ni kuyo na, umtshado na, utando lwodwa na. Iti-ke uba iqonde ukuti ubanga wona umtshado, ifune ukuba kubonakale iqiniso ngokuba umfana ebika indaba ku'bakulu, abeBandhla nabas'ekaya, kuze kubalwe-ke isitembiso somtshado.—It'ub'ibone ukuti, qa, aku'mtshado awubangayo umfana, ingabe isaba nendaba naye, ingamvumeli, ingamdedeli ukuba, nokwetshela nje, ab'esay'etshela, loku ingafuni ukuba isifebe yona, ingafuni futi ukutandana nomfana oy'isifebe.—Intombazana eti: "Qa, ang'azi noma umfana ebanga-ni ngoba akakatsho", itata kabi. Ngoba (1) imvama, iyazibonela kakade ukuti ubanga-ni; (2) nalapo nga ingaziboneli nakanye, yona njengoba il'ikolwa aina'kuti, ivinjelwe umteto wamahloni ukuba imbuze. Intombazana ekoliweyo ingambuza impela, inganti wona umteto wamahloni uy'ala ukuba isuke itandane nomfana ingakam'azi noma akubangayo kuyiwo umtshado yini.

5. *Imikuba egilwa abafana namantombazana:—*

(a) Ukwetshela:—Ukuba umsebenzi omkulu wabafana nezinsizwa ezihlala emakaya kuyiko ukwetshela loko kwemihla ngemihla, kwazis' ukuti into enkulu abayibangayo yibo ubufebe, nokuti amantombazana nezintombi ezivuma, ezitanda, ezifuna ukwetshelwa kanjé zibanga ubufebe. E! Ng'ubunja bwodwa,

aku'buntu lobu emtetweni ka'Nkulunkulu. Kus'obala ukuti bonke abavumela abafana namantombazana ukwetshela nokwetshelwa okunjé, nababazibayo, nababasizayo bandawonye nezifebe, noma kung'abazali balabo 'bafana namantombazana noma kung'abanye nje abantu abadala noma kung'abantu abatsha. Amakolwa ati: "Po, abantabetu bazautola kanjani amadoda?", ayatsho yini ngempela ukuti uNkulunkulu angavuma ukuba umtshado utengwe ngobufebe, na? Into ekona, bonke labo abasavumele abatsha ukwetshela loko okubi *kabatetelelekí ku'Nkulunkulu.*

Kunye ukwetshela okwaziwa emtetweni ka'Nkulunkulu; yiloko belu **okwenzelwa ukulungisela umtshado,** ngoba umfana es'eswele umuntu angatatana naye. E! Onjalo akafuni, akasweli 'muntu angafeba naye. Aike, nokubaca, akubaci ukwetshela okunjalo, loku kukuhle.

(b) Ukupata imiti yokutandisa:—Le'ndaba seyakulunywa ku'*numbers* 488-491. Lapa singati nje: Sekw'ezwakala ku'*number* 488,4 ukuti "indaba *yokutandana* kwabantu ipetwe uNkulunkulu, njengoba ng'uye opete zonke". Aike, os'eqonde okukulunywe lapa emtetweni wesi6, angaqonda ukuti *neyokutatana* kwabantu ipetwe uye uNkulunkulu. E! 'Azi loku, uy'azi ukuti, uma mina 'Bani nginqunyelwe ukuba ngingene emtetweni wokutatana, uNkulunkulu uzanngifunisa umuntu wami, loku ng'*uye ongidalele engangitatana naye.* Ati-ke ehlezi ngaleli 'temba eliyilo, kasweli 'muti na'mkuba nokuti-ni nokuti-ni.

(c) Ukubusa kwomfana:—Ngomkuba wabantu intombazana es'iqomile umfana ipansi kwomteto wake isamtanda, ingakamali. E! Noma isoka lisuka lifuna-ni kuyo, kunge umlanjwana, intombazana inomteto wokulilalela, e! kaloku songati nomlanjwana uqobo aus'esatshwa kakulu.

Naku-ke ukupambana kwomteto wabantu nomteto ka'Nkulunkulu! Umfana kasiye umnini'ntombazana leyo. Noma nga eti, ung'uye ngoba intombazana is'imvumele ukuba abe ng'uye, unamanga, loku naku nentombazana ingazifuyile, ifuyiwe ng'umEnzi wayo, uNkulunkulu, njengoba nomfana efuyiwe ng'uYena lowo. Ngako-ke bobabili bapansi kwomteto ka'Nkulunkulu oti: Ungapingi, ungafebi!

(d) Ukugila imikuba enukubele:—Kuyabonakala ukuti umteto wabantu abamnyama ufanisa abasatandene nje nasebetatene, banjengendoda nomfazi, ukupela nje kwokuba kutiwe, makungaveli 'nzalo. Kanjalo-ke njengokwawo ukukuluma, ukubeka, ukupata okwobufebe nokusoma (ukuhlobonga) akusoleki, noma kuseukuti nje "aimhlubele!", noma kusashingwa esikoteni nje, noma sebepunyelwa, noma kugoyiwe, noma kubondwa, noma

kwenziwa-ni.—Aike, nemikutshana leyo esand' ukuvela emakolweni enjeng*otshwala bwokwetula iduku nobwomntshontsho,* kus'obala ukuti iyasoleka impela; kwazis' ukuti nabanumzana, oyise naonina babantwana abanjalo b'onakele ngokwonakala kwohlobo.

Aike, lelo elokuti *"makungaveli 'nzalo"*, yilo eliqeda indaba yokuti, okwenziwa abafana namantombazana njengomteto wabantu kung'*ubufebe bwodwa zwi* emtetweni ka'Nkulunkulu. Ngoba njengowake uNkulunkulu, loko abantu abangakwenza ngobuntu bwabo, *bangakwenzela ukuzalana* **kona kodwa,** bakwenze **sebetatene.**

Ukugila imikuba enjalo, kus'obala ukuti umfana nentombazana ababambelele emtetweni ka'Nkulunkulu kabayigili, b'azi ukuti ng'ubufebe bwodwa. Njalo-ke intombazana *kaigoyi, kaiyi ku'mfana* la eyibiza, *kaiziyeli kuye,* noma isuswa inhlinziyo yayo nje, noma isuswa ng'umkuba otize wabantu, onjengokubonda nani. Pela, *ukubonda* kona ngokwako akusoleki, loku kusiwa nje ukudhla k'owayo. Kodwa la kubonda yona intombazana, umfana ekona, ailali kona.

615. Abafelwe bavunyelwe ukwenza-ni na?

Abafelwe bavunyelwe ukulungisela futi umtshado, uma betanda, njengabangakatshadi; kabavunyelwe ukwenza 'luto olunye.

Indoda efelwe umfazi, nomfazi ofelwe indoda bang'abantu abangatatene na'muntu, loku befelwe. Ke, bengatatene na'muntu, kabana'mvumelo yokwenza 'luto ngobuntu (*number* 602). Kuyabonakala-ke ukuti yonke into angay'enza umuntu onjalo ngobuntu, yibo ubufebe emtetweni ka'Nkulunkulu. E! Kunjalo, nakona ngomkuba wabantu abamnyama kungenjalo.

Into abavunyelwe ukuy'enza yona, bangabuya batshade. Naku kutiwa: »*Umfazi ukulekiwe emtetweni* (was'endhlini) *sonk' isikati indoda yake isekona; kepa la indoda yake is'ifile, ukululekile: akagane amtandayo, 'enze nje kodwa emtetweni wenKosi.*« *) Ukuzihlalela kwabafelwakazi kuyakuzwakala pambili.

Kuyabonakala ukuti lapa *umteto wabantu* upambene *noka'Nkulunkulu.* Ngowabantu konke loko okukade kukulunywa *akusibo* ubufebe; ngoka'Nkulunkulu *kuyibo.* Ngowabantu *kul'ihlazo* uma umfana *enge'lisoka,* nalapo intombazana *ingena'soka; ongagili imikuba leyo, kutiwa, uy'isilima. Okul'ihlazo* ngoka-

*) 1. Kor. 7,39-40.

'Nkulunkulu yibo *ubusoka nobuxebe* lobo; *oy'isilima* ngowake uye ogila imikuba leyo, loku naku ezibulala ngobufebe bwake.

Abati-ke, qa, kuswelekile ukuba kwenziwe ukuti nokuti kungakatatanwa, kwenzelwe ukufunda *nokuvivinya*, kuyabonakala ukuti itemba lokumtemba uNkulunkulu kaliko kwabatsho njalo. Futi banamanga, loku kungavivinyeki 'luto, ngoba nangomteto wabantu kunqatshiwe ukuba umfana nentombazana b'enze okwenzelwa ukuvela kwenzalo.

Into ekona nansi: Amakolwa asagila imikuba enjalo, nawo onke ayipikelele nayivumelayo nasizana nayo ang'amakolwa ngokubatshatizwa kwabo kambe, kodwa ngokunye aseng'amaqaba, loku epikelela ubufebe njengawo.

Futi, ukuba kukona amakolwa ang'abantu apikelela ukuti, *eng'abantu*, kana'kuyekiswa leyo 'mikuba, kuyauke kuwasize-ni na? Angabulala yini konje umteto ka'Nkulunkulu na? Angeke! Umi wona, kauna'kucitwa 'muntu, noma emhlope noma emnyama. Umi wona, nakuba izigidigidi zabantu zingawulondi. E! Konje, mhlazane uNkulunkulu wabona ukuti *"yonke inyama yayonaka!ise indhlela yayo"* *), waes'eguqula umteto wake wesi6 yini na? Qabo, into owaey'enza, wacita izigidigidi zabantu ngozamcolo, wacita isintu sonke, kwasinda oNoe bodwa ngoba babelungile. Po-ke, njengaloku umteto wake umi, kuyakuti, mhlazane eyakunquma indaba yako, wena 'Bani, angahle ayinqume ngowabantu yini na? Qabo, uyakuyinquma ngowake wokuti: Ungapingi, ungafebi! Po-ke, ukukomba kwako umteto wabantu, owamaqaba belu, kukusize-ni na? inganti neyawo indaba iyakunqunywa ngoka'Nkulunkulu! E! Ukuba lona iqaba liyakwahluleka lapo, ngoba lingawulondanga owake uNkulunkulu, kus'obala ukuti uyakwahluleka nawe, 'kolwa, nxa ungawulondanga.

(b)
Ukuzihlalela.

616. Wonke umuntu unomteto yini wokuba atatane nomunye na?

Qabo, akuso wonke umuntu onomteto wokuba atatane nomunye, kuya ngokutanda kwomuntu.

Kwati uba uJesu amemezele umteto womtshado (*number* 606,2.), *abafundi bake bati kuye: "Uma indaba yendoda nomfazi injalo, akusizi ukutatana." Kepa yena wati: Akubo bonke ababamba leli'zwi, yilabo nje abakupiwe. Ngoba kukona aba-*

*) 1. Mos. 6,12.

teniweyo (abay'izinyumba) *abati besavela eziswini zaonina babenjalo; kukona futi abateniweyo* (abay'izinyumba) *betenwe ng'abantu; kukona futi abateniweyo* (abay'izinyumba) *bezitene ngenxa yombuso wezulu. Ongabamba loku akakubambe!*» [1]) Ngelokuti "ukuzitena" uJesu uyalinganisa nje, lokupela uNkulunkulu eng'ezanga avumele 'muntu ukutena omunye kumbe ukuzitena; neBandhla lake alibonanga livuma ukuba kwenziwe njalo. Ke, ukuzitena akutshoyo uJesu ng'ukuzitena ngomkonto onjengentando yomuntu, ezitandela, ezinqumela ukuti, mina 'Bani ngiyakuzihlalela kuhle kwomuntu ongena'buntu.

E! Abanjalo, noma beselapa emhlabeni, seb'enzisa okwabakonjwa uJesu eti: «*Kuyakuti uma sokuvukiwe* (ekufeni), *ukutata, bangatati, nokwenda, bang'endi, qa, bayakuba njengezingelosi zika'Nkulunkulu ezulwini.*» [2]) Nang' uPaulus ocw. ecaza le'ndaba: «*Ngendaba yamantombazana, umyalo wenKosi, kanginawo; kodwa ukululeka, ngiyaluleka, njengoba ngiyilowo owapatwa y'inKosi ngomusa, yikona ngiyakutembeka. Ngiti-ke, kuhle loku ngenxa yokuxobiseka okuzayo, loku kukuhle ukuba umuntu abe njalo* (azihlalele belu). *Ukulekiwe ku'mfazi na?* (nxa ukulekiwe,) *ungakufuni ukukululwa! Aukulekiwe ku'mfazi na?* (nxa ungakulekiwe,) *ungafuni 'mfazi! Kanti uma utate umfazi, awonile. Nalapo intombazana iganile, ayonile. Kepa abanjalo bayakuxobiseka, inyama yabo. Ke, mina ngiyanihaukela.*

Ngiti-ke mina, 'bazalwane, isikati sifutshane, nalabo abanabafazi abasale sebenjengabangenabo; nabakal' inyembezi abasale sebenjengabangakali; nabatokozayo abasale sebenjengabangatokozi; nabatengayo abasale sebenjengabangafuyile; e! abapata izinto zomhlaba lo abasale sebenjengabangazipati, loku isimo salo'mhlaba siyakudhlula. Kepa mina bengitand' ukuba ningaxakwa 'luto. Ongatatene unakekele okwenKosi, ukuti angakoleka kanjani ku'Nkulunkulu; kepa otatene unakekele okwomhlaba, ukuti angakolisa kanjani umkake, e! uhlukene yedwa. Ke, umfazi ozihlalele [3]) *nentombazana* [4]) *bacabanga okwenKosi, yikona beyakucweba, umzimba nomoya wabo. Kepa oganile ucabanga okwomhlaba, ukuti angatandeka kanjani endodeni yake.*

Ke, loku 'kukuluma kwami, ngikulumela ukusizakala kwenu; kang'enzeli ukunihila ngesihibe, qa, ng'enzela loko okubukekayo, nokwenz' amandhla okukuleka enKosini ngapandhle kwesivimbelo.

Kanti-ke, uma kukona oti, angadumazeka ngentombazana yake ngokuba izigugela, besokusweleka-ke ukuba kwenziwe njalo

[1]) Matth. 19,10-12.—[2]) Matth. 22,30. [3]) umfelwakazi—[4]) incasakazi

(igane belu), *ak'enze akutandayo; ak'oni, la igana. Kepa oqinisile enhliziyweni yake ete nqi, kungeko 'ahlulwa yiko, eng'enza belu azitandela kona, at'uma ezinqumela enhliziyweni yake ukuti uyakulonda intombazane yake, wenza kahle. Ngako-ke owendisa intombazana yake wenza kahle; ongay'endisi wenza kahle kakulu.*

Umfazi ukulekiwe emtetweni (was'endhlini) *sonk'isikati, indoda yake isekona; kepa la indoda yake is'ifile, ukululekile; akagane amtandayo, 'enze nje kodwa emtetweni wenKosi. Kanti uyakufumana inhlanhla enkulu kunaleyo, uma ezihlalela njengokululeka kwami; aike, bengiti, uMoya ka'Nkulunkulu, nami nginawo.*» [1])

Naku-ke ukubona kwabantu abamnyama kukodwa, nokuka'Nkulunkulu kukodwa! Ngokwabantu umuntu ongaqomisi, ongaqomi, ongaganwa, ongagani, umfelwakazi ongangenwa, ongagani futi, ongena'masoka, wonke onjalo uy'isilima.[2]) Ngokuka'Nkulunkulu ukuzihlalela ngapandhle kwako konke loku kuy'into enhle kakulu, efanisa umuntu nengelosi.

Pela, ku'bantu abamnyama kwenzeke kona loko okw'enzeka kwabezizwe bas'endulo, njengoba nang'uPaulus ocw. etsho, eti: «*Bangezihlanguze; kungoba bati bemazi uNkulunkulu, kabamdumisanga, kabambonganga njengoNkulunkulu, qa, baba y'izipukupuku ukucabanga kwabo, nenhliziyo yabo ey'isilima yahlwelwa; bati kambe, bay'izazi, kanti ngokwempela bay'iziula. E! Ubukosi buka'Nkulunkulu ongena'kububa babwenana ngomfanekiso womuntu obubayo, nangowezinyoni, nangowezilwane ezi'nyawo'ne, nangowezilokazana. Kungako-ke uNkulunkulu wabadedela bagile amanyala njengokunqwenela kwenhliziyo yabo, bazidumazele imizimba yabo, bona belu abab'enana isiminya sika'Nkulunkulu ngamanga, bona belu ababonga, bakonza okudaliweyo, bengakonzi umEnzi obongeka izikati ngezikati. Amen. Kungako-ke uNkulunkulu wabadedela bakolise ugovana wamanyala. . . . E! Njengaloko babengatsho ukuti kuhle ukuba uNkulunkulu abe kona ekuqondeni kwabo, uNkulunkulu wabadedela baqonde okubi, baze b'enze okungafanele, bavume ukungalungi oku'nhlobonhlobo, ububi, ubufebe . . . bona belu abati b'azi umteto ka'Nkulunkulu, bangaqondi ukuti ab'enza okunjé bafanelwe ukufa,* (e! bafanelwe yiko) *abakwenzayo, kepa nalabo futi abavumela abakwenzayo.*» [3])

Po-ke, *ukutshada kubi-ke yini* na? Nakanye! Kuhle kona,

[1]) 1. Kor. 7,25-40.—[2]) Ng'ukupela nje kwamancasakazi akwa'nkosi yakwa'Zulu 'aziswa, ahlonitshwa kakulu. [3]) Rom. 1,20-26. 28-29.32.

njengoba kade simuzwa uPaulus ocw. etsho naye; nembala imvama yabantu babizelwe kona. Kepa oxotsha ku'Nkulunkulu ixotsho lokuba azihlalele,[1]) uxotshile ixotsho elikulukazi. Angiti, imali y'imali? E! Noko-ke imali ebomvu idhlula emhlope.

617. Umuntu angazibopa ngesitembiso esiy'ingcwele sokuzihlalela njalo na?

Yebo, umuntu angazibopa ngesitembiso esiy'ingcwele sokuzihlalela njalo, loku ukuzihlalela kuy'into enhle kakulu ku'Nkulunkulu.

Abazihlalelayo ba'nhlobo'ntatu:—(1) Abanye bazihlalele ebantwini bengazibopanga nga'sitembiso sa'luto.[2]) (2) Abanye b'enza njalo bezibopile ngesitembiso esiny'ingcw. sokulonda umteto wabangatatene.[3]) (3) Abanye bazihlalele bey'izindela zas'esigodhlweni senKosi uNkulunkulu, bezibopile ngezitembiso eziy'ingcw. zakona.

Aike, nakona ukuzihlalela loku kuy'into enhle kakulu, noko kubili okutand' ukuxwaywa:—Makungakupangi 'muntu *engakubizelwe uNkulunkulu.* Futi, makungazibopi 'muntu ngesitembiso esiy'ingcw. sokuzihlalela *engavunyelwanga* abakulu beBandhla (*number* 516).

III.

Ubumhlope bwenhliziyo.

618. Umuntu umhlop'inhliziyo, uma 'enza-ni na?

Umuntu umhlop'inhliziyo, uma elonda umteto wayiko, eyiló ezama ukuxwaya nokuyeka okupambene nawo.

Umuntu, ukulonda kwake "umteto wayiko",

1. uma etatene nomuntu, alonde umteto wabatatene;

2. uma engatatene na'muntu, alonde umteto wabangatatene, noma esaya'kutshada, noma ezinqumele ukuti uzauzihlalela.

Bapambekile abati, ng'abangatshadile nje bodwa abanomteto wokulondoloza ubumhlope bwenhliziyo, inganti nabatshadileyo bangelonde umteto wabo ngapandhle kwabo. Into nje ekona, bubwodwa obwabo, bubwodwa obwabangatshadile. E! Y'indaba yemali emhlope nebomvu.

Ubumhlope bwenhliziyo y'into enkulukazi, eyona uqobo lwayo ifumaniseka emakolweni ayiwo odwa nje, ai kwabanye abantu. Nank' amazwi enCwadi ey'ingcw. apete le'ndaba. Kutiwa: «*Leli*

[1]) abe incasa pela noma incasakazi.—[2]) Yibo abang'amancasa namancasakazi.—[3]) Yibo abazibope ngesitembiso esiy'ingcw. sobuncasa nje, ai ngesobundela.

'guqu silipete ngesitsha esibunjiwe ngomhlabati »,[1]) loku naku umzimba ubunjiwe ngomhlabati, yikona kuzakwenzeka izwi lokuti: *Amandhla* (exotsho lika'Nkulunkulu) *ayabonakaliswa ngokupeleleyo ebutakatakeni* (bwomuntu).»[2]) *Ai ngobuhle bwesizukulwane esimhlop'inhliziyo sidumile! Ngoba ukukunjulwa kwaso akusoze kwapela, s'azeka ku'Nkulunkulu naku'bantu. Kuti sisekona, basuke b'enzise okwaso; kuti uma sidhlulile, basinxanele; kwoti uma sesipete umqele ekanda kuze kube pakade, sibusa nokubusa, sesitolile leyo 'ntokazi esasiyilwela ngapandhle kwokunindeka.*»[3]) «*Banenhlanhla abamhlop'inhliziyo, ngoba bayakubona uNkulunkulu.*»[4]) «*Naku akutandayo uNkulunkulu: ukuziewebisa kwenu, ukuba pela nizibambe niyeke ubufebe, ukuze yilowo nalowo pakati kwenu akwaz' ukufuya isitsha sake* (umzimba wake) *ngokucweba nangokudumiseka, ai ngokutshiseka ngenxa yokufisa, njengamagaba nawo angamazi uNkulunkulu.*»[5]) *Hambani ngokwomoya, kona ningayikwenza okufiswa y'inyama. Ngoba inyama, ukufisa kwayo, imelene nomoya; futi, umoya, ukufisa kwawo, umelene nenyama; ngoba lezi 'zinto zimelene, yikona kungayikuti konke enisuka nikutanda, nikwenze. . . . Izitelo zomoya nazi: . . . ukuhlonipa, ukuzikuza, ukucweba kwenhliziyo. . . . Abaka'Kristo kambe bayinqamulezile inyama yabo* (bayibetele onqamlezweni, ife) *kanye nokwona nokufisa kwayo oku'nhlobonhlobo.*»[6])

Nank' umbono uJohannes ocw. owaewubona **ngendaba yabazihlalelayo** bengatshadi. Uti: «*Ngasengizwa izwi livela ezulwini, linjengezwi lamanzi amaningi, nanjengezwi lokuduma okukulu; kwati izwi engalizwa lanjengelabokutshaya umqangala, betshaya imiqangala yabo. Bahlabelela-ke ihubo langati litsha pambi kwesihlalo* (sika'Nkulunkulu) *napambi kwezizwi ezine napambi kwamalunga. Kwakungeko 'muntu owaekwazi ukutsho leli 'hubo, ukupela izinkulungwane lezo ezil'ikulu linamashumi 'mane nezine ezihlengiwe emhlabeni. Yilabo abangangcoliswanga ukuhlangana nabesifazana, lokupela beamancasa(kazi). Labo balandela imVana* (umSindisi wetu), *noma isuk' iya ngapi. Labo bahlengiwe ebantwini, babe y'ingqalabuto ku'Nkulunkulu nas'emVaneni; emlonyeni wabo akufunyaniswanga 'manga, ngoba abana'cala pambi kwesihlalo sika'Nkulunkulu.*»[7])

Naku okutshoyo uMoya ocw. ngomlomo ka'Paulus ocw. **ngendaba yabafelwakazi.** Uti: «*Kwabangatatene naku'bafelwa-*

[1]) 2. Kor. 4,7.—[2]) 2. Kor. 12,9.—[3]) Hlak. 4,1-2.—[4]) Matth. 5,8. [5]) 1. Thess. 4,3-5.—[6]) Gal. 5, 16-17. 22. 23. 24.—[7]) Amb. 14,2-5.

kazi ngiti: Kuhle kubona, uma behlala njengoba nami ngihlezi nje. Kanti uma bengena'kuzikuza, mabatshade! Lokupela kukuhle ukutshada kunokutsha (ukutshiswa ukunqwenela kwenyama).« [1]) Wat'efundisa uTimoth ocw., wambalela ukuti: « *Y'azisa abafelwakazi abayibo abafelwakazi. Ke, uma umfelwakazi enabantwana noma enabantababantabake, akafunde kuqala ukupata indhlu yakwake, ayifundise ukwenanisela abazali* (abakwenzayo ku'bantwana)*; ngoba kuhle loku ku'Nkulunkulu. Lowo-ke ong'umfelwakazi ngempela cy'isikwebu, akatembe ku'Nkulunkulu, aqinisele ekukulekeni nas'ekuceleni imini nobusuku. Ngoba otamasayo waf' chamba. Bayale nokuyala ngaloku, yikona bengayikusoleka. Kepa uma umuntu enganaki abake, ikakulu kodwa abakwake, ulahle ukolo, mubi kunongakoliwe.*

Ukuketwa kwabafelwakazi [labo abati uma sebefuna ukuzihlalela, banikwa isikundhla esitize eBandhleni [2])], *akuketwe ongasenganeno kwamashumi a'si6 eminyaka, owaegane indoda yainye, ofakazelwe y'imisebenzi yake emihle, ukuti wakulisa abantwana, ukuti w'amukela kwake abafokazi, ukuti wageza izinyawo zabacwebileyo* (amakolwa), *ukuti waputuma abaxakekile, ukuti wasebenzisana nabanye nakumup' umsebenzi omuhle.*

Kanti abafelwakazi abatsha, ubaxwaye! Ngobapela, uma sebedelile uJesu, sebeyafuna ukugana; bafumanise-ke izwi lokujeziswa, ngoba becitile isitembiso sokuqala. Futi, njengoba sebevilapa, bayakwazi ukutshangatshanga nezindhlu, bengasavilapi nje kupela, qa, sebetshafutshafuza, sebeng'amatala, bekuluma okungafanele. Ngiyatsho-ke ngiti, (abafelwakazi) *abatsha abatshade, bazale abantwana, bapate izindhlu* (zabo), *bang'enzeli isita ituba lokudumaza. Ngoba sekukona abapendukela ngaku'satana.*

Uma kukona ikolwa elinabafelwakazi (abapetwe yilo), *alibagcine ngokulingeneyo, iBandhla lingaze latweswa umtwalo* (wokub'ondhla), *ukuze likwaz' ukusiza abafelwakazi abayibo ngempela* (abangena'muntu belu).» [3])

Amasu okulondoloza ubumhlope bwenhliziyo.

619. Yikupi okuswelekile kunako konke ukuze kulondeke ubumhlope bwenhliziyo na?

Okuswelekile kunako konke ukuze kulondeke ubumhlope bwenhliziyo ng'ukuvuma ukolo oluyilo ngenhliziyo yonke,

[1]) 1. Kor. 7,8-9.—[2]) Rom. 16,1.—[3]) 1. Tim. 5,3-16.

okukanye nokumesaba nokumetemba nokumtanda uNkulunkulu.

1. *Olungileyo, ukupila kwake kuvela okolweni.* [1]) Osuk' *engakolwa* ku'Nkulunkulu ong'uye yedwa, esakolwa nganxanye amadhlozi nabatakati nezangoma "nokutsho kwabadala" nomteto "wabantu", osuk' *esangabaza* ngesiminya sika'Nkulunkulu ukuti yiso yini ngempela na, osuk' ehlukene yedwa el'ikowa nganxanye, el'iqaba nganxanye, e'nhliziyo'mbili pela—onjalo kana'kukolwa ukuti okunqatshiwe ng'uNkulunkulu emitetweni emibili leyo, owesi6 nowe9, kul'iqiniso lodwa zwi.—Kunjalo futi emakolweni amabandhlabandhla lawo avulela abantu ukufeba, evulela abangakatatani, nasebetatene futi.

2. Ke, ongena'lukolo oluyilo, ongaluvumi ngenhliziyo yake yonke, enge'nhliziyo'nye, *kana'kumesaba uNkulunkulu* ngokuyiko; engenako, kana'kuvinjelwa yiko ukuba 'enze okwobufebe.—Futi, ongena'lukolo oluyilo, oluqinile, uma es'elingwa ukuba afebe, akakwaz' *ukumetemba uNkulunkulu;* ke, ngawake amandhla nje odwa umuntu angeke akwahlule ukulingwa okunjalo.

3. Futi-ke, ongena'lukolo oluyilo, oluqinile, angahle *amtande uNkulunkulu* ngokuyiko na? 'enze *konke akutandayo* Yena na? ang'enzi *'luto angalutandiyo* na? Angeke!

Ngako-ke isu elikulu lokupezisa imikuba yobufebe emakolweni ang'abantu yilo lokuba azifunele ukolo oluyilo, abambelele kulo lwodwa, elahlile konke okupambene nalo, yikona koti, sebemesaba, sebemetemba uNkulunkulu ngokuyiko, bamtande ngokuyiko, bayeke anqaba ukuba kwenziwe, b'enze afuna ukuba kwenziwe. Naku kutiwa: »*Bonke abamamukelayo* (uJesu) *ubanike amandhla okuba babe abantwana baka'Nkulunkulu, labo pela abakolwa egameni lake.*« [2]) »*Noma nisuka nivelelwa y'ini, bambani isihlangu sokolo eningacima ngaso yonke imicibitsholo etshisayo yomuBi!*« [3]) »*Akubongwe uNkulunkulu . . . owasizala okwesibili . . . esizalela ukudhla ifa . . ., enikwezelwe lona ezulwini, nina enilondwa amandhla ka'Nkulunkulu ngokolo, nilondelwe ukusinda okumelwe ukuhlaluka esikatini sokugcina. Ngaso-ke niyakwesasa, noma manje kusaswelekile ukuba nihlupeke isikatshana ngokulingwa oku'nhlobonhlobo, yikona ukuvivinywa kwokolo lwenu, okunenana elikulu kunegolide (elivivinywa ngomlilo) kuyakufunyaniswa kubabazeka, kudumiseka, kwaziseka, mhla kuhlaluka uJesu 'Kristo, enimtandayo nakuba ningambonanga* (ngamehlo), *enikolwa kuye,*

[1])Rom. 1,17.—[2]) Joh. 1,12.—[3]) Ef. 6,16.

ningamboni namanje, eniti kodwa, nikoliwe kuye, ningatokoza ngokutokoza okungakulumeki, okudumayo, mhla n'amukela enakubanga ngokolo lwenu: ukusinda pela kwemipefumulo yenu.» [1])

620. Kusweleke-ni futi ukuze kulondeke ubumhlope bwenhliziyo na?

Ukuze kulondeke ubumhlope bwenhliziyo, kuswelekile futi ukuba sibe nenhliziyo etobileyo, nokuba sitandaze.

1. Kakade kul'iqiniso akutshoyo uJesu, eti: «*Ning'enze 'luto ning'enziswa yimi.*» [2]) Kanti ikakulu ukulingwa okupambene nobumhlope bwenhliziyo, singeke sikwahlule ngawetu amandhla odwa. Ke, uNkulunkulu kayikusisiza, uma singazitobi, njengoba nang'uPetrus ocw. etsho ukuti: «*UNkulunkulu umelene nabazidhlayo; kepa abatobileyo uyabaxotshisa ixotsho.*» [3]) Otobileyo uyatandaza, njengoba kutiwa: «*Ngat'uba ng'azi ukuti ngingezikuze* (ngiyeke okwobufebe), *uma uNkulunkulu engangipi amandhla, ... ngaya enKosini, ngacela kuyo.*» [4]) UJesu waqinisela loku, eti: «*Lolu 'hlobo lwamademone kaluna'kuxotshwa kunge ngokutandaza nokuzila ukudhla.*» [5])

2. S'azi-ke ukuti ukutandaza kwetu sisodwa akuzwakali mhlaumbe kakulu, singafuna abangasinxusela ngamandhla enKosini uNkulunkulu. Singancenga-ke ikakulu uMaria, uNina ka'Nkulunkulu, owaziwa ukuti utembeka kakulu lapa, el'iVirigo [6]) emavirigweni, elamitwa ngapandhle kwesitshitshi, elati ling'umZali lalisel'iVirigo njalo. Singaya naku'Josef ocw. [7]) naku'Johannes ocw. umApostole, [8]) nakwezinye iziCwetshiswa ezati ziselap' emhlabeni zalondisisa ubumhlope bwenhliziyo.

3. Ke, ukunxusa nokunxuselwa kwetu kunamandhlakazi, la kubongwa uNkulunkulu emisseni eliy'ingcw., nalapo sidhla inyama ebongile, sipuza igazi elibongile lenDodana ka'Nkulunkulu, lona lelo 'gazi okutiwa l'«*iwaine elit'uma lihluma liveze amavirigo.*» [9]) [10]) Ngako-ke oswele amandhla okulonda ubumhlope bwenhliziyo angavama ukuya emisseni nokwamukela ikomunione.

---

[1]) 1. Pet. 1,3-9.— [2]) Joh. 15,5.— [3]) 1. Pet. 5,5.— [4]) Hlak. 8,21.— [5]) Matth. 17,20.— [6]) ey'inCasakazi emancasakazini belu, eyamitwa ngapandhle kwesitshitshi, eyat'ing'umZali yaisey'inCasakazi njalo. — [7]) owat'ey'incasa waba umyeni wenCasakazi; waba umOndhli wenCasa edhlula onke, uJesu; oseng'"umLondi wamancasa namancasakazi."— [8]) owat'ey'incasa waba isitandwa senKosi yetu, eyashiya kuye inCasakazi leyo eng'uNina wayo.— [9]) amancasa namancasakazi belu.— [10]) Zak. 9,17.

Uti uJesu: »*Ngiqinisile, ngiqinisile ngiti kinina: Uma ningayikudhla inyama yenDodana yomuntu, ningayikupuza igazi layo, ukupila akuyikubako kinina. . . . Odhla inyama yami, opuza igazi lami, upakati kimina, nami ngipakati kuye.*«*)

621. Kusweleke-ni futi ukuze kulondeke ubumhlope bwenhliziyo na?

Ukuze kulondeke ubumhlope bwenhliziyo, kuswelekile futi ukuba namahloni nokuxwaya izingozi.

Izingozi kazixwayeki,

1. uma umuntu engena'mahloni, engazikuzi:—

(a) engakuzi *amehlo* (ukuzibeka, ukubeka abanye kumbe imifanekiso emibi, ukufunda izinewadi ezimbi: ngoba kutsho inhliziyo yokubi);

(b) engavali *indhlebe* (ukulalela la abanye bekuluma kabi, nalapo ubanibani ekuluma kabi 'etshela;

(c) engakuzi *umlomo* (ekuluma kabi, kukuluma abesilisa bodwa, kumbe abesifazana bodwa, kumbe owesilisa nowesifazana; umfana exoxela abangane bake okubi akwenzile, intombazana edhlela oy'isifuba sayo abakwenzile nomfana; ukuhlabelela amagama apambene namahloni; ukutuka nokufunga okubi, ukubina, ukufungisela;

(d) engakalimi *izandhla* (ukuzipata, ukupata abanye, ngoba kutsho inhliziyo yokubi);

(e) engahlonipi *ekwembateni nas'ekugqokeni nas'ekuhlobeni* (ukukumulela, ukuvezela). Umuntu ol'ikolwa uyazihlonipa noma *eyedwa*, uhlonipa wonke umzimba wake, 'azi ukuti uy'indhlu ka'Nkulunkulu. Uhlonipa *enabanye abanjengaye*, abesilisa bebodwa, abesifazana bebodwa. Ukuvezela abanye abesifazana umzimba njengomkuba wamantombazana nabafazi babantu, kungeko 'sisusa esiswelekile noma esifanele,—nakuba *kunge ubufebe*, kupambene noko *namahloni* amfanele umuntu okoliweyo. Umuntu okoliweyo uhlonipa kakulu *enabanye abangenjengaye*.

Naku okutshoyo uMoya ocw. ngomlomo ka'Isaias ngabesifazana bas'eJerusalem ababehlobela okubi. Uti: »*Ngoba amadodakazi as'eSion eziqenya, chamba ecipateka eti klemu kleze, eqebenyeka, chamba ngamanzonzo, epukela pezulu, inKosi izauqotula ukakayi lwamadodakazi as'eSion lube imanyule, inKosi yambule înwele zawo. Ngalelo 'langa inKosi izauhululula imvunulo yas'ezicatulweni nezimedhlela eziy'isimo senyanga nemigexo nemvunulo namasongo neziggoko nemiqele namaketangana as'ênyawe-*

*) Joh. 6,54.57.

ni namaxama nezigubu zamaka namacici nêndandato namatshe al'igugu ajikiziswe ebunzini nezingubo zokuvunula neziuluzi nezimhlope naocwepe nezibuko namahenjana nezigqoko ezitandelweyo nezingubo eziulwembu. Kwoti endaweni yoqamboti kube isifoji, endaweni yamaxama kube intambo, endaweni yeziwele eziqokotiwe kube imanyule, endaweni yezitshapa zas'esifubeni kube ingubo yokuzila. [1])—Izingozi kazixwayeki uma

(f) engazikuzi *ekudhleni nas'ekupuzeni* (*number* 589, 2.)—Izingozi kazixwayeki,

2. *uma umuntu efuna ingozi yokwona:*—

(a) ngokuba *engasebenzi 'luto.—Number* 566, 4.

Ukuba emakolweni kungapeli umkuba wokuba umfana, insizwa, indoda it'ingasebenzi 'luto lonke ilanga, imihla ngemihla, isonto ngesonto, inyanga ngenyanga, iye'kulandela abesifazana nokamba, akuyikupela nemikuba yobufebe emakolweni. Akusizi nokuba insizwa el'ikolwa isuke izihlanguze ngokuba iti, qa, ngiyasebenza ebalungwini izinyanga zokuti, besengipumula; pela, la umuntu ekatele ngempela, angapumula kambe izinsukwana. Kodwa "ukupumula" kwezinsizwa lezo akuso ukupumula; ziyasebenza: —ukwetshela nokufeba nokudakwa, nank' umsebenzi wazo, la ziti, ziyapumula. Insizwa enjé nabayipeteyo bay'ona nokwona.— Izingozi kazixwayeki, uma umuntu efuna ingozi yokwona,

(b) ngokuba *esagila imikuba yamaqaba* eng'ubufebe emtetweni ka'Nkulunkulu, njengoba seyalandwa. Nans' eminye emibili epambene impela namahloni. Omunye kung'*ukugonqa nokwomula* kwentombazana nako konke okuhlangene nako. Omunye kung'*ukuzila amasi* kwabesifazana la sebenako abanako. Kokubili kuyasoleka kakulu, ngoba njengomteto wamahloni awudalile uNkulunkulu, konke okwobuntu kuyahlonitshwa, akuvezwa obala.

622. Kusweleke-ni futi ukuze kulondeke ubumhlope bwenhliziyo na?

Ukuze kulondeke ubumhlope bwenhliziyo, kuswelekile futi ukuba kucwetshiswe inhliziyo ngokuy'alela ukukoliswa ng'ukucabanga nokufisa okwobufebe.

UJesu wati: «*Kus'enhliziyweni la kuvela kona imicabango emibi, ukubulala, ukupinga, ukufeba . . .*» [2]) Oti, akafuni ukufeba, ez'enamisa noko ngokucabanga nokufisa okubi, engaxwayi okulungele ukumtolisa imicabango nezifiso ezibi, unamanga. **Ukucwebisa inhliziyo yiwo umsuka wokucweba konke.**—Aike, empini kung'obalekayo ol'igwala; lapa, obalekayo, osuka k'okubi, osusa imicabango nezifiso ezibi, uye ol'iqawe.

[1]) Is. 3,16-24.—[2]) Matth. 15,18-19.

Aike, ukucwebisa inhliziyo, aicwebiseki, uma umuntu engakuzi intando yake imihla ngemihla, njengoba induna ikuza amabuto imihla ngemihla, kuze *kubuse yona intando yomuntu,* ai inyama yake nenhliziyo yobufebe, yikona kuzakwenzeka akutshoyo uPaulus oew., eti: «*Ngiyalwa . . . ngiyawukuza umzimba wami, ngiyawufaka ebuqqileni, funa nga ngiti ngishumayeza abanye, mina uqobo ngibe owokulahlwa*»;[1]) eti futi: «*Ngibona omunye umteto ezitweni zami omelene nomteto wengqondo yami, ongituмba ngomteto wokwona os'ezitweni zami. Ai ngami mina 'muntukazana! Ng'ubá ozakungikulula emzimbeni wokufa loku bo! Yilo ixotsho lika'Nkulunkulu ngoJesu 'Kristo inKosi yetu*»[2]); eti futi-ke: «*Ukuba ubukulu bwezambulo bungangikukumezi, ngifakwe umkonto oy'inyama yami, isitunywa sika'satana sokungitshaya ngesibakela. Ngenxa yaloku ngancenga inKosi katatu ukuba sisuke kimina, yati-ke kimi: "L'anele kuwe ixotsho lami, ngoba amandhla abonakaliswa ngokupeleleyo ebutakatakeni".*»[3])

Ukwesaba okubi okuvela ebufebeni.

623. Ubufebe busebenza-ni ku'muntu na?

Ubufebe butuntubeza ingqondo nenhliziyo nentando yomuntu.

Umuntu ojwayele ukukolisa inhliziyo yokwenyama ngokucabanga nokufisa nokukuluma nokwenza, us'ezakuba njengesilwane. Ke, isilwane kasicabangi okuka'Nkulunkulu nokwompefumulo, kasitandi ukufunda nokutandaza nokusonta, kasilwisi inhliziyo yaso, inganti siyiloku sifuna ukukolisa yona. Iyo indaba yomuntu os'enjengesilwane.

624. Ukufeba kuvam' ukubanga-ni na?

Ukufeba kuvam' ukubanga ezinye izono, kubanga nengozi enkulu yokuba umuntu aze atshone esihogweni.

Zonke izono zobufebe ez'enzeka ngokukuluma nangokwenza ziy'izoniso, kwoniswa abalalelayo, kwoniswe okufetshwa nabo, kwoniswe nabakubonayo nabakuzwayo. Futi ubufebe bungabulalisa (uDavid T. d. 61. uHerodes T. t. 33.), bungamlahlisa umuntu ukolo oluyilo (uSalomon T. d. 66.), bungamenzisa izixabelelo ngokuba efihla ngamabomu izono esakramenteni lempendukiso, ab'es'amukela ikomunione ngokungeyiko, bumonise nangokuti-ni.

625. Ukufeba kubanga-ni futi kaningi na?

Ukufeba kubanga futi kaningi ukufa nehlazo.

[1]) 1. Kor. 9,26.27.— [2]) Rom. 7,23-25.— [3]) 2. Kor. 12,7-9.

1. Umuntu ongazikuzi ekufebeni uyaw'ona amandhla omzimba nompefumulo. Futi, umuntu ofebayo angatola izifo ez'esabekayo, ez'ona nenzalo, kuze kuguliswe izizukulwane.

2. Kuzo zonke izono ez'enzekayo yilolu 'hlobo olubangela umuntu amahloni nehlazo, ofebayo ezihlaza, ehlaza nabakubo neBandhla.—Ekuboneni kuka'Nkulunkulu neBandhla lake konke ukufeba noma yikupi kul'ihlazo, nakuba ngokwabantu abamnyama ukuti nokuti nokuti-ni kungesilo.

Umteto wesi7 ka'Nkulunkulu:

"Ung'ebi!" [1])

nomteto we10 ka'Nkulunkulu:

"Ungafisi impahla yomakelwane wako!"

"Ungafisi indhlu yomakelwane wako . . . . kumbe isigqila kumbe isigqilakazi kumbe inkomo kumbe imbongolo kumbe into-ni yake!" [2])

626. Ngomteto wake wesi7 nangowe10 uNkulunkulu wenqaba ukuba umuntu 'enze-ni na?

Ngomteto wake wesi7 nangowe10 uNkulunkulu w'enqaba ukuba umuntu 'ebe kumbe afise nje into yomuntu.

Kwenqatshiwe ukufisa akuvumelayo umuntu (*number* 607, 3. & 4).

627. Yiko ukweba kodwa nje yini okunqatshelwe ng'uNkulunkulu ngomteto wesi7 na?

Qabo, akuso ukweba nje kodwa okunqatshelwe ng'uNkulunkulu ngomteto wesi7, kunqatshelwe nokumona kanjani umuntu ngendaba yemfuyo.

Umninikonke ong'uye ngempela, ng'uye umEnzi wako konke, uNkulunkulu. Kanti kuyabonakala ukuti Yena watsheleka abantu izinto ezidaliweyo; ngoba wat'ub'adale umuntu, wati: « . . . *nigewalise umhlaba, niwubuse, nibuse nezinhlanzi zas'olwandhle nezinyoni zas'emkatini nazo zonke izilwane ezinyakazayo emhlabeni. Wabuya uNkulunkulu wati: Naku! Ngininike konke okumilayo okuvez' imbeu emhlabeni, nayo yonke imiti ezivezela imbeu ngênhlobo zayo, kube ukudhla kwenu nokwezilwane futi* . . . [3]) Kwazis' ukuti uNkulunkulu wadala umteto wokuti, umuntu angaba umnini'zinto ezidaliweyo.

[1]) 2. Mos. 20,15. Mark. 10,19.—[2]) 2. Mos. 20,17. Rom. 13,9.—[3]) 1. Mos. 1,28-30.

E! Kungalo'mteto ukuba umuntu, at'uma efumana into engena'mniniyo, isafuywe ng'uNkulunkulu nje uqobo, abe namandhla okuyitata, ibe eyake.

Futi, la umuntu ez'enzela uto ngeyake into nangawake amandhla, noma 'andelwa impahla yake ngokuzalana kwayo, noma elima ukudhla, noma etenga into etize ku'mniniyo, noma eyipiwa, noma eyinikwa, noma edhl' ifa lika'yise, noma ezuza into nangayip' indhlela evumelene nomteto womNinikonke, us'eng'umnini'nto leyo. Ung'uye nje kodwa ngokuba uNkulunkulu emtshelekile yona. Kwazis' ukuti unomteto wokupata izinto zonke zomhlaba ngomteto womNinizo ong'uye, uNkulunkulu.

Njengaloku-ke uNkulunkulu edale lo'mteto wokuti, umuntu angaba umnini 'zinto ngoba ezitshelekiwe uye, uy'enqaba ukuba umuntu azigaxe nakanjani endatsheni yemfuyo yomuntu.

I.

Izinhlobo zezono ezipambene nomteto wesi7 nowe10.

628. Kuvunyelwe yini ukwamuka umuntu into yake na?

Qabo, akuvunyelwe, kunqatshiwe impela ukwamuka umuntu into yake, noma ngas'ese, noma obala, noma ngobuqili, noma ngalip' icebo.

1. Ngas'ese:—ukweba, ukuntshontsha.

2. Obala:—ukumpanga, ukumqwaga umuntu into yake njengoba kwenza izigebengu naolaita.

3. Ngobuqili nangalip' icebo:—ukumudhla nokumkohlisa umuntu ekutengeni, ekutengiseni, ekuzaliseni imali, ekutshayeni amakati*) kubekelwene imali, ekubaseleni amacala, nas'ekutinitini; ukungabuyiseli into etshelekiwe, ukungakoki izikweleti ngesikati esiyiso; ukwona, ukudhla into el'isiso, noma kuy'impahla noma imali; ukungaholeli izisebenzi imali yazo, nokwenza-ni nani.

629. Konke ukweba kuy'isono esikulu yini na?

Qa, aku ukweba konke okuy'isono esikulu; yiso la kwebiwa into enkulu, ng'esingcono la kwebiwa encane.

Aike, nangokweba into encane kungavela isono esikulu:

1. la umuntu enesibomu sokutata into enkulu ngokuba epindapinda ukutata encane;

2. la ukweba into encane kutshetsha kupindwe njalo;

*) okutiwa ngesiNgisi *cards.*

3. la abatize bevumelene ngokuti yilowo nalowo uzotata okuncane, kuze kuti, uma kuhlangene, kube kukulu;

4. la into eyebiwa incane yona ngokwayo kambe, kanti inkulu ku'mniniyo ngoba empofu kakulu, kumbe ngoba imlahlekelisa okukulu.

Abantwana nabo bonke abapetweyo, akufanele ukuba bazitatele 'luto, bengalupiwe, bengalunikiwe abazali kumbe abakulu. Uma-ke onjalo, ukuzitatela kwake, edinga noma uy'eba yini ngempela, akazibuze ukuti, abazali, abakulu bang'ala yini natand' ukuzitatela kona, la b'ala ngomteto, na? yikona ezauzibonela ukuti yiko ukweba yini na.

Ukweba kwomntwana, 'eba into yabazali bake, 'eba into yakwabo, kukodwa; ngoba ukweba into, eyona at'uma umuntu ey'eba k'omunye nje umuntu, atole isono esibubisayo, akuyiso ku'mntwana; kungaba yiso, uma into ayitatayo inkulu kunaleyo.

630. Otola into elahlekile uy'eba, uma 'enza njani na?

Otola into elahlekile uy'eba, uma ey'anela, nakuba emazi umniniyo, kumbe ati engamazi, angamfuni.

La 'ahluleka ukumfumana, angay'anela, loku is'ifana nento engena'mniniyo.

631. Kuvunyelwe yini ukuba s'one into yomuntu na?

Qabo, akuvunyelwe, kunqatshiwe ukuba s'one into yomuntu ngamabomu, noma ngecala letu.

Kung'enzeka ngokuba umuntu 'ona amasimu omuntu ngokung'alusi impahla yake, ngokulimaza, ngokubulala into yomuntu, ngokumlahlekelisa imali kumbe impahla ngokummangalela ngento engeko, ngokumfakazela amanga, nangani.—Ukwona into yomuntu, kungeko 'mabomu, kungeko 'cala, kukodwa, loku kwenzeka ngengozi nje.—Kuy'ona nensizwa nendoda nobani o'lihlapahlapa ot'ehlapaza, angazigodhleli, angagodhleli nalabo anomteto wokubasiza, not'epi-ke ngokusapaza konke nje, angagodhleli 'luto abantabake, basale-ze, basale nezikweleti futi.

Kus'obala ukuti nalapa kungatolakala izono ezikulu, nezono ezingcono, njengoba kutshiwo ku'*number* 629.

632. Izisebenzi, noma zing'ebi, zing'ona kanjani kulo'mteto na?

Izisebenzi, noma zing'ebi, zing'ona kulo'mteto ngokuvilapa, ngokucita isikati, nangokunganakekeli izimpahla zabaziqatshile.

E! Nakuba zing'ebi ngokutata into yomnumzana, ziy'eba noko ngokuba zihola imali epeleleyo, umsebenzi ungapelele.

633. Abaz'enzela izono ezinjalo, yibo bodwa yini ab'onayo na?

Qabo, abaz'enzela izono ezinjalo, akubona bodwa ab'onayo, bay'ona nabab'onisayo.

"Ukwonisa" loku naku: ukwebisa, ukupangisa, umuntu eyala, eluleka isela kumbe isigebengu; chamba nonjalo eyomsiza; edhla into eyebiweyo, eyitenga, etengisa ngayo, 'azi ukuti yebiwe; eyitukusa; esizana nokohlisa abanye onjengocupa abanye emakatini, kumbe nowona into yomunye, nani nani.

634. Ngomteto wake we10 uNkulunkulu wenqaba ukuba s'enze-ni na?

Ngomteto wake we10 uNkulunkulu wenqaba ukuba s'enze okupambene nomteto wesi7 ngokucabanga nokufisa.

Kus'obala ukuti ukulinganisa nje ngokuti, konje into yokuti ka'Banibani inhle, sengati nami ngingaba nayo, kungeko 'nhliziyo yokweba, aku'sono.

Isono siy'enzeka ngokuba umuntu **evumela** inhliziyo *yokweba;* kumbe inhliziyo *yomona* ngokubane umakelwane efuye kakulu, ecunyelwe amasimu, nangani; noma evumela inhliziyo yokuti, kungati umakelwane ang'onakalelwa into yake; noma evumela eyokuti, songati angamudhla ngecebo lokuti, yikona ezautola into yake; noma evumela *eyobuqonqela,* noma eyokuti-ni.

UJesu wati: *Kus'enhliziyweni la kuvela kona imicabango emibi, ukubulala . . . ukweba . . .* »[1]) Naku kutiwa futi: «*Wou! Hai ngani nina eniceb' amacebo, nilungisela okubi nisalele! Kut'uma kusa, basuke bakwenze, lokupela isandhla sabo simelene noNkulunkulu. Bayafisa amasimu, bawatate ngamandhla; bayapanga izindhlu, bayadhla indoda kanye nomuzi wayo, bayadhla indoda nefa layo.*»[2])

Nank' amazwi enCwadi ey'ingcw. apete le'ndaba. Kutiwa: «*Ning'ebi! Ningaqambelani amanga, ningakohlisani!*»[3]) «*Ng'ezwa futi ukuti abakwa'Levi* (abapriste . . .) *babenganikwa okwabo* (yonke into yeshumi) . . . *ngaze nyasola abakulu.*»[4]) Kwazis' ukuti ohlala nento ab'efanele ukusiza ngayo abapriste neBandhla ufana nesela. Kutiwa futi: «*Isela limelwe ukuhlakazeka nokuzisola.*»[5]) «*Ningapambeki! Akuso . . . amasela, . . . akuso izigebengu* (olaita) . . . *abayakuwudhl'ifa umbuso wezulu.*»[6]) «*Owaeba angab' cs'eba, qa, azikataze ngokusebenza*

[1]) Matth. 15,19. [2]) Mik. 2,1-2. - [3]) 3. Mos. 19,11.—[4]) 2. Esd. 13, 10-11.—[5]) Sir. 5,17.—[6]) 1. Kor. 6,9-10.

ngezandhla, okona kukuhle, yikona eyakuba noto angalupa ontulayo.»[1]) «*Makungabi na'muntu kinina ojeza ngoba ey'isigebengu, noma ngoba el'isela, noma ngoba 'enza okubi, noma ngoba efuna împahla zabanye.*[2]) «*Yiko akufunayo uNkulunkulu . . . ukuba kungadhlulisi 'muntu adhle umfo wabo entengweni; ngobapela uNkulunkulu uyapind'inya ngako konke loku.*»[3])

II.

Ukulungiswa kwezono ezipambene nomteto wesi7.

635. Owamuke umuntu into yake noma ey'onile, unomteto wokwenza-ni na?

Owamuke umuntu into yake noma ey'onile, unomteto wokumbuyisela into yake kumbe ukumkokela yona ngenye into.

Seloku uNkulunkulu wadala umteto wokuti, umuntu angaba umnini'nto, «*yonke into enomniniyo ikalela umniniyo*». Nembala kuy'ezwakala nas'enCwadini ey'ingcw. ukuti umuntu akatetelele-leki izono zokweba nezifana nazo, engatandi, engafuni, engazami ukubuyisela into ku'mniniyo. ETestamenteni elidala le'ndaba ikulunywa ngamade.[4]) Nanti elifutshane, liti: *Kabavume izono zabo, futi babuyisele kwabamonile yona into nenxenye yesihlanu* (yenana layo) *ngapezu kwayo.*»[5]) Imbuzi eyebiweyo T. d. 77. Kwelitsha kutiwa: *UZakeus* (owat' eng'umtelisi waedhle abantu abaningi ekuteliseni) *wati enKosini* (uJesu): *"Beka! Inxenye* (yesibili) *yenginako, 'nKosi, ngiyipa abampofu, nalapo ngidhle ubanibani nakanjani nje, ngizakumbuyisela isine sengakutata." UJesu waes'eti kuye: "Le'ndhlu ihlatshwe inhlanhla namhla".*»[6]) UPaulus ocw. uti: «*Ningabi na'sikweleti sa'luto ku'muntu* (nisikipe pela).»[7]) UJesu uti: *Ngiqinisile ngiti kuwe: Awuyi-kupuma lapo* (etilongweni lakwelipambili), *uze ukipe nendibilitshana yokugcina.*»[8])

Ukubuyisela into ku'mniniyo.

1. **Ng'ubá onomteto wokubuyisela na?**

(a) Yilowo owebile, opangile, omudhlile umuntu, owonile into yomuntu, omlahlekelise impahla kumbe imali.

(b) Yibo bonke ababesebenzisana k'okunjé. Kut' uma emu-

[1]) Ef. 4,28.—[2]) 1. Pet. 4,15.—[3]) 1. Thess. 4,3. 6.—[4]) 2. Mos. 21, 33-36. 22,3-15. 3. Mos. 6, 2-7.—[5]) 4. Mos. 5,7.—[6]) Luk. 19,8-9.—[7]) Rom. 13,8.—[8]) Matth. 5,26.

nye nje ofun' ukulungisa indaba yake, bonke abanye b'ala, sekung'uye oswel' ukubuyisela konke, kodwa angazitatela nangas'ese abebefanele ukukukipa bona, akutate kweyabo imfuyo.

(c) Uma ukusebenzisana kwabatize ekwoneni okunjalo kwakungafani, oway'anela into yomuntu, ng'uye onomteto wokuyibuyisela yona kumbe imali yayo.—Uma 'ala, ng'uye lowo owatuma abanye, wati ab'ebe, abapange, ab'enze-ni.—Uma naye 'ala, yilabo ababevuma ukutunywa.—Kut'uma nabo b'ala, kube yilabo ababesizana nabo.—Kwale-ke nabo, besokuba yilabo abangavimbelanga ukweba, ukupanga, nani, nakona bebenomteto wokukuvimbela njengesikundhla abanaso.

2. Yinto-ni eswel' ukubuyela na?

(a) Yona into eyebiweyo, epangiweyo, eyoniweyo, uma isekona, kumbe imali yayo.

(b) Nenzalo yayo, uma leyo'nto ib'inayo, kanye nayo yonke inzuzo eyatolakala ngayo.

(c) Nemali yonke, into leyo engaimzuzele yona umniniyo, uma ib'ikuye, nenana laloko umniniyo owalahlekeliswa kona ngokuba w'amukwa, w'onelwa into yake.

3. Ng'ubá, into etand' ukubuyela kuye na?

(a) Ng'uye umnikazi'nto, kumbe indhlalifa yake.

(b) Uma kung'enzeki (ngoba engas'aziwa, noma engaseko, kungaseko nendhlalifa), leyo'nto aibuyele ku'mNinikonke, ngokuba izausebenzela abampofu kumbe enye into enhle ku'Nkulunkulu. —Uma owonile empofu ngempela yena uqobo, angaba ndawonye "nabampofu".

4. Into ibuyele nini ku'mniniyo na?

Itand' ukubuyela konamanje. Ati umuntu ub'aqonde ukuti unento yomuntu, kumbe ukuti kukona into yomuntu ay'onile ngelake icala, unomteto wokuyibuyisela konamanje; uma 'ahlulekа ukwenza njalo, azame njengamandhla anawo.

5. Ukubuyisela, akwenziwe njani na?

Ukubuyisela, into aibuyiselwe nje, noma ngayip' indhlela; kodwa akusweleki ukuba owonile ngas'ese azihlakaze, azibangele icala las'enkantolo. At'uma edinga noma ang'enza njani, angasizwa ng'umpriste.

636. Kwenziwa y'ini ukuba umuntu angateteleleki isono sas'emtetweni wesi7 ngapandhle kwokubuyisela na?

Ukuba umuntu angateteleleki isono sas'emtetweni wesi7 ngapandhle kwokubuyisela, kwenziwa ngokuba, engabuyiseli, us'ona umuntu; esamona umuntu, us'ona uNkulunkulu.

Umteto wokubuyisela uyapela ngokuyekelwa umnini'nto, kumbe ngokwahluleka ngokuti nyá; ukuti umuntu uy'ahluleka nya, kung'ezwakala ngompriste avuma kuye, kumbe acela ukululekwa ng'uye.

La kukona umuntu ol'iqaba, ovinjelwa ukukolwa ngoba 'azi ukuti, uma es'ekolwa, ngaclungisa izono zokweba owaez'enza esel'iqaba, akaqonde ukuti, neqaba elimuka lapa emhlabeni lingalungisanga izono ezinjalo liyakwahluleka kwelipambili. Kungcono ukuba umuntu azame ukulungisa njengamandhla anawo, yikona engayikuvinjelwa ukukolwa.

637. Umuntu angavinjelwa y'ini ukwenza izono ezipambene nomteto wesi7 na?

Umuntu angavinjelwa ukwenza izono ezipambene nomteto wesi7 ng'ukukumbula ukuti ukuz'enza kung'ubulima ku-'muntu ofun' ukusinda.

Ng'ubulima, loku naku 'enza izono, kungamsizi 'luto futi noluncí ngoba enomteto wokubuyisela into ku'mniniyo, kungamsizi 'luto nangokuba ezihlolela umhlola, ngoba uNkulunkulu engayikuhlahlamelisa imfuyo etolakele ngokungeyiko. «*Ohlwayela isono uyakuvuna umhlola.*»[1]) «*Kungcono ukufuya okuy'ingcozana kulungiwe, kunokuzuza okuningi kwoniwe.*»[2]) «*'Mntanami, ungahlwayeli 'luto olubi endimeni yobubi, yikona ungayikuvuna isikombisa soku*(bi oku)*hlwayele!*»[3]) «*Kumsize-ni umuntu ukuba azuze wonke umhlaba, 'onakalelwe kodwa umpefumulo wake na?*»[4]) UAkab noJezabel T. d. 71.

III.

Ukunika wonk' umuntu okwake. ukung'amuki 'muntu okwake.

638. Umuntu olungileyo wenza njani ngendaba yemali nemfuyo na?

Umuntu olungileyo unika wonke umuntu okwake, ak'amuki 'muntu okwake.

Kuyabonakala ukuti ukweba nokupanga nani nani kupambene nomteto omkulu lowo wokuti: «Umakelwane womtanda njengoba *uzitanda.*» Ke, ukuzitanda kwetu, siyafuna ukuba abantu basinike okwetu, bangas'amuki esinako. «*Konke enisuka nitand' ukuba abantu ban'enzele kona, nani b'enzeleni kona loko!*»[5]) Kuyabonakala futi ukuti wonke umuntu ung'*umuntu wenKosi,*

[1]) Ag. 22,8. [2]) Ag. 16,8. [3]) Sir. 7,3. [4]) Matth. 16,26.—[5]) Matth 7,12.

agobapela naku kutiwa: «Lo'mteto (wokuti: "Nomakelwane womtanda njengoba uzitanda!") *ufana nowokuqala* (wokuti: "Wotanda inKosi uNkulunkulu wako!")».[1]) Ngako-ke, uma sitanda umakelwane, siyamtanda umuntu wenKosi, kube kuhle-ke enKosini; uma s'ona umakelwane, siyamona umuntu wenKosi, kube kubi enKosini.

639. Onika wonk' umuntu okwake, eng'amuki 'muntu 'luto, angatemba-ni na?

Onika wonk' umuntu okwake, eng'amuki 'muntu 'luto, angatemba ukuti angahlahlameliswa ng'uNkulunkulu nalapa emhlabeni nakwelipambili.

«*Omubi* ('eba . . .) *wenza into engena'kuma; kepa ohlwayela ukulunga* (elonda umteto wemfuyo), *umvuzo wake uyakuma napakade.*»[2])

Umteto wesi8 ka'Nkulunkulu.

"Ungamfakazeli amanga umakelwane wako!"[3])

I.

Ukukuluma amanga ecaleni.

640. Ngomteto wake wesi8 uNkulunkulu wenqaba ukuba umuntu 'enze-ni na?

Ngomteto wake wesi8 uNkulunkulu wenqaba ukuba umuntu afakazele umuntu amanga ecaleni.

Yisono esikulu impela,

1. ngoba kupambene nesiminya. Ke, isiMinya uqobo lwaso, uNkulunkulu uyiso (*number* 13). Ngako-ke amanga apambene noNkulunkulu uqobo.

Lapa ukubona kwabantu abamnyama kukodwa, nokuka'Nkulunkulu kukodwa. Ngokwabantu kuhle ukuba umuntu asinde ecaleni ngamanga: epika into ekona, eqamba amacebo, 'enza amamenemene, 'amukezelana nabanye . . . Ngokuka'Nkulunkulu kuhle ukuba umuntu atsho iqiniso lona lodwa. Kwenziwa yiloku ukuba oqamb' amanga atole icala ku'Nkulunkulu. «*Umlomo wamanga uy'enyanyeka enKosini.*»[4])—Kuyiso futi,

2. ngoba kupambene nomteto omkulu wokuti: "Wotanda umakelwane njengoba uzitanda!" Uma ngamanga etu s'enza

[1]) Mark. 12,31.—[2]) Ag. 11, 18.—[3]) 2. Mos. 20,16. (Matth. 19,13.)—[4]) Ag. 12,22.

ukuba icala limlahle umuntu ongena'cala, simonile, s'ona udumo lwake, s'ona imfuyo yake. Uma ngamanga etu sikipa umuntu ecaleni, emubi, siy'ona bonke nje abantu, loku kungayikuvimbeleka okubi.—Kuyiso futi-ke,

3. ngoba, uma ufakazi wafungiswa uNkulunkulu, waes'efakazela amanga, w'enza isono sokufungela amanga (*numbers* 522-524).

Aike, la umuntu efungiswa enkantolo ngokunjengokuti: "Ngiyanyanisa", kumbe: "Ngiyaqinisa", kumbe: "Ngiyafunga ukuti amazwi engizowakuluma kuleli' cala azoba amaqiniso . . .", ab'es'etsho amanga, uy'ona kambe. Kepa leso 'sono sokufungela amanga ngokufunga uNkulunkulu kasitoli, loku naku engamfungiswanga Yena.

Naku okutshiwo ngofakazi wamanga enCwadini ey'ingcw. Kutiwa: *Ufakazi wamanga kayikupunyula, oqamb' amanga kayikusinda* (uNkulunkulu ezomfica).» [1]) «*Ufakazi wamanga uzakububa.*» [2]) «*Y'izinto ezisiö inKosi ezizondayo:* . . . (2) *ulimi olunamanga,* . . . (4) *inhliziyo eceba amacebo,* . . . (6) *ufakazi ongesiye, etsho' amanga.*» [3])

641. Yiko ukufakaza amanga ecaleni kona kodwa yini okunqatshiwe ngalo'mteto na?

Qabo, akuso ukufakaza amanga ecaleni 'kona kodwa nje okunqatshiwe ngalo'mteto, kunqatshiwe futi konke oku'luhlobo lunye nako.

II.

Ukukuluma amanga kunges'ecaleni.

642. Umuntu uqamb' amanga, uma 'enza-ni na?

Umuntu uqamb' amanga, uma etsho ukuti, 'azi ukuti kuy'into engeko, 'azi ukuti kulungel' ukupamba abantu, etsholo ukubapamba.

Osuk' etsho into engeko, eng'azi ukuti kunjalo, akana'manga lowo, loku eng'azi, engenayo futi inhliziyo yokupamba, eyokukohlisa pela.

Ukuqamb' amanga ku'nhlobonhlobo. Umuntu angawaqamba:

1. elaula; pela, la umuntu osileyo ezizwela ukuti, "o! kulaulwa nje, aku'nto ekona leyo", akuko 'cala lamanga lapo, loku kunge'nto elungel' ukupamba, kungatsholwo futi ukupamba ngempela.—Angawaqamba,

[1]) Ag. 19,5.—[2]) Ag. 21,28.—[3]) Ag. 6, 16-18.

2. ezihlanguza; aike, kungaba indatshana nje, kungaba indaba ey'indaba. USara eti, ub'engasinekanga T. d. 13.—Angawaqamba,

3. ez'enzisa, engaliza, noma ngomlomo noma ngokwenza kwake. UHerodes T. t. 7. Ku'bafarisi uJesu wati: *U'ou! Hai ngani nina, 'babali nabafarisi, nina 'bazenzisi! loku nifana namatuna acakiwe ngomcako, abonakala ku'bantu emahle ngapandhle, kanti ngapakati egcwele amatambo abafileyo namanyala onke nje. Kanjalo nani nibonakala ku'bantu nibahle ngapandhle kambe, kanti ngapakati nigcwele ukuz'enzisa nobubi!*» [1]) UJudas T. t. 67, 70.—Angawaqamba,

4. etoboza, efun' ukuzikolekisa. «*Inkosi etand' ukuzwa amazwi ang'amanga inabantu ababi bodwa.*» [2])—Angawaqamba,

5. ebanga akubangayo, engaketi okukona nokungeko, okuhle nokubi. Usatana noEva T. d. 4. Umfazi noSalomon T. d 64. Ababelinda ituna lika'Jesu T. t. 81. Angawaqamba,

6. ezixabelela ngokuba efihla isono, eqamba amanga, la 'amukela isakramente eliy'ingew. lempendukiso. UAnanias noSafira T. t. 90.

643. Konke ukuqamba amanga kuy'isono esikulu na?

Qa, akuso konke ukuqamba amanga okuy'isono esikulu; kuyiso uma kuy'indaba enkulu, noma elungele ukwona umuntu kakulu.

1. Umuntu olungileyo, oqoto akaketi 'ndaba, noma inkulu noma incane, loku engaqambi 'manga nakanye, ngoba ez'azisa, nangoba 'azi ukuti, oqamba amanga ngendaba encane namhla, ngomuso angawaqamba ngenkulu. Nang' uJesu eti: *Otembeka k'okuncinyane uyatembeka nak'okukulukazi; okohlisa k'okuncinyane uyakohlisa nak'okukulukazi.* [3]) «*Ongakatali ngokuncane, kancane kancane uyakububa.*» [4])

2. Nank' amazwi enCwadi ey'ingew. apata ukuqamb' amanga. Kutiwa: «*Umlomo onamanga ubulala umpefumulo.*» [5]) *Ungaze watsho amanga nangalup' uto olunge'giniso; ngoba umkuba onjé kaumuhle.*» [6]) «*Amanga ay'isitshitshi esibi ku'muntu; e! emlonyeni wabangena'mteto, ahleze efumaniseka kona. Isela lingcono kunomuntu oyiloku enamanga; kepa ifa labo bobabili ng'ukububa. Ukuhamba kwabantu bamanga akudumile; ukudumala kwabo kuhleze kuhlala nabo.* [7]) UJesu wati: «*Umuntu omuhle ukipa okuhle emtapweni omuhle; umuntu omubi ukipa okubi emtapweni omubi. Kanti mina ngiti kinina:*

[1]) Matth. 23, 27-28.—[2]) Ag. 29,12.—[3]) Luk. 16,10.—[4]) Sir. 19,1. [5]) Hlak. 1,11.—[6]) Sir. 7,14.—[7]) Sir. 20, 26-28.

"Lonk' izwi elil'ize abantu abayakulikuluma, bayakulandiswa lona ngosuku lwecala. Ngoba ukusinda, uyakusinda ngamazwi ako, nokujeza, uyakujeza ngamazwi ako".» [1]) UPaulus ocw. uti: «*Ningakohlisani ngamanga!*» [2]) UJohannes ocw. wabona umbono wokuti: «*Konke okungacwebile nokwenza amanyala namanga akuyikungena ebukosini* (bwas'ezulwini). . . . *Ngapandhle* (kwomuzi wangapezulu) *kukona abay'izinja, nabatakati nezangoma, nezifebe, nababulali, nabakonza onkulunkulu, nayilowo nalowo otanda amacebo nowenza akucebile.*» [3])

3. Nakona kungavunyelwe ukuba sikulume amanga, noko kasina'mteto wokuba sitsho njalo esikwaziyo. Nant' igama eliqed' indaba, liti: «Konke okutshoyo ngakuba l'iqiniso; *kanti aku'mteto ukuba utsho njalo konke okwaziyo.*»

Ukwenza njalo *kuvunyelwe,* (a) uma obuzayo engena'mfanelo yokubuza, engesiye umkulu, noma eng'uye, ezigaxa endatsheni angafanelwe ukuyibuza. Kuvunyelwe, (b) uma kukona isisusa esilingeneyo sokuba singavezi esikwaziyo. Kuvunyelwe, (c) uma ngokwenza njalo sing'oni 'muntu.

Ukwenza njalo *kusweleka,* (a) uma s'azi into ey'imfihlo eyiyo; (b) uma kuy'imfihlo esatembisa ukuti soyilonda nanini; (c) uma kuy'imfihlo esiy'azi nje ngokuba sayifunda ngoba sinesikundhla esitile, noma ku'Hulumeni, noma eBandhleni. Aike, enkulu imfihlo enjalo, yileyo esuka esakramenteni lempendukiso.

Ngezinye izikati *kuvunyelwe,* e! nokusweleka, *kungasweleka* ukuba imfihlo ezinjalo zingalondwa, (a) uma kuy'indatshana nje engalungeli ukwona 'muntu; (b) uma kutenjwa ukuti lowo, imfihlo evela kuye, ub'engayikwala ukuba umuntu otile atshelwe yona; (c) uma kukona isisusa esikulu, esiswelekile (esinjengokuti isigebengu sifun' ukubulala uBani, nokuti isela lifun' ukweba into ka'Bani, nokuti-ni).—Kanti imfihlo esuka esakramenteni lempendukiso kaina'kuhlakazwa nanini, noma kunjani, noma kuti-ni.

III.

Ukwona udumo lwomuntu.

644. Siy'ona udumo lwomuntu la s'enza-ni na?

Siy'ona udumo lwomuntu la simbeca ngamanga.

Ukubeca umuntu ngamanga, ukumbaceka, ukumqambela kuy'enzeka (1) ngokumqambela into engeko, angay'enzile; (2) ngokupika into ekona, anayo, ay'enzile; (3) ngokukuluma ngaye, sing'

[1]) Matth. 12,35-37.— [2]) Kol. 3,9.— [3]) Amb. 21,27. 22,15.

azisisi noma leyo'nto esiyikulumayo y'into ekona ngempela yini na. EnCwadini ey'ingew. kutiwa: «*Ungambaceki umakelwane wako!*»[1]) «*Isihlungu sezinyoka sipansi kwolimi lwabo.*»[2]) «*Balole izilimi zabo njengezinkemba.*»[3]) «*Ulimi lwabo lunjengomcibitsholo ohlabayo, lukuluma amanga.*»[4])

645. Siy'ona udumo lwomuntu nalapo s'enza-ni na?
Siy'ona udumo lwomuntu nalapo simhleba.

Ukuhleba kwenzeka ngokumhlakaza umuntu kwabanye ngas'ese, ngokumnhlenhleta, ngokumnceneeta, ngokumhlala kwabakulu. Naku kutiwa: «*Ohlakaza* (ukwona kwomuntu) *ung'amanyala ku'bantu.*[5]) «*Uzwile konje izwi ngomakelwane wako na? Alizifele esifubeni sako!*»,[6]) funa kutiwe: «Wakatshwa indhlovu esifubeni.»

Ngenye inkati kulungile, kufanele, kuswelekile ukuhlakaza ukwona kwomuntu, unja kuhlakazwa kwabanamandhla okulungisa owonayo, kumbe kwabanamandhla okuvimbela kona, *bona bodwa* (*number* 407,2). E! Ukuhlakaza okunjalo akuso "ukuceba", akuso "ukuhleba", *ng'ukulungisa.*

646. Siy'ona udumo lwomuntu nangokwenza-ni na?
Siy'ona udumo lwomuntu nangokunyevuza.

Ungakhlebi, unganyevuzi pakati kwabantu!»[7]) «*Onyevuzayo uzobeca owake umpefumulo, azondeke ku'bantu bonke, nohlala naye azondeke naye. Onesifuba, osileyo uy'aziswa.*»[8]) «*Oy'isinyeru nenyalinyali uyaqalekiswa, ngoba 'ahlukanisa abaningi abakade behlalisana ngoxolo. Ulimi lwesitatu selwavusa abaningi, lwabaxotsha batutele ezizweni ngezizwe. Selwadiliza amadolobo ezicebi ahaqwe izindonga, lwacita imindeni yamakosi. Selwacekela pansi amandhla ezizwe eziqata. Ulimi lwesitatu selwaxotsha abafazi'ndoda, lwab'amuka ababekuzuze ngomsebenzi wabo. Olulalelayo kasoze wapumula, futi kayikuba na-'mnyane angahlalisana naye ngobuhle. Ukutshaya ngeziswebu kubanga imivimbo, kanti ukutshaya ngolimi kucaba amatambo. Baningi ababulawa isinkemba esibukali; kepa kabangangalabo ababuba ngolimi lwabo. Unenhlanhla opepile olimini olubi, ongafiewanga ulaka lwalo, ongatweswanga ijoka lalo, ongabotshwanga ngesibopo salo; ngobapela ijoka lalo ng'elensimbi. nesibopo salo esetusi. Ukufa kwalo ng'ukufa okubi kabi, indawo yabapansi ingcono kunalo.*»[9])

---

[1]) 3. Mos. 19,13.—[2]) Hlab. 13,3.—[3]) Hlab. 63,4.—[4]) Jer. 9,8.—[5]) Ag. 24,9.—[6]) Sir. 19,10. —[7]) 3. Mos. 19,16.—[8]) Sir. 21,31—[9]) Sir. 28,15-25.

647. Siy'ona futi udumo lwomuntu uma s'enza-ni na?

Siy'ona futi udumo lwomuntu uma simjivaza.

Abangane baka'Job nomkake T. d. 30.

648. Abakuluma kabi ngomuntu, yibo bodwa yini ab'onayo na?

Qabo, akuso abakuluma kabi ngomuntu bodwa nje ab'onayo, bay'ona nababalalela nababavumela.

Ungabi na'ndaba nabahlebayo! [1]) *Aubiyele îndhlebe zako ngameva, ungaze walalela ulimi olubi!* [2]) *Njengaloko* (abang'amaqaba) *babengati, kuhle ukuba uNkulunkulu abe kona ekuqondeni kwabo, uNkulunkulu wabadedela baqonde okubi, baze b'enze okungafanele, bavume ukungalungi oku'nhlobonhlobo, bagcwale ububi noma yibupi, . . . umona, ukubulala, ukuxabana, amacebo, ubuqili,—babe abatut' izindaba, abaqambelayo, . . . abahlebayo—bengena'lutando, bengena'kutembeka, bengena'mhau, bona belu abati b'azi umteto ka'Nkulunkulu bangaqondi ukuti ab'enza njalo bafanelwe ukufa,* (e! bafanelwe yiko) *abakwenzayo, kepa nabavumela ab'enza njalo.* [3])

La ukwaz' ukutulisa ab'enza njé, aubatulise; ut'uma wahluleka, ausuke kubo ubashiye; uma kung'enzeki naloku, aubabonise ukuti aubavumeli.

649. Zonke izono ezinjalo zikulu yini na?

Zonke izono ezinjalo zikulu, uma zilungele ukwona kakulu udumo lwomuntu.

650. Emtetweni wesi8 sing'ona ngokukuluma kodwa nje yini na?

Qa, emtetweni wesi8 sing'ona nangokucabangela nangokunquma indaba yomuntu ngobupoxo.

Okuy'isono lapa ng'**ukuvumela** ukucabanga nokunquma okunjalo *ngapandhle kwesisusa esikona, esilingeneyo.*

Isipoxo sitshaya wonk' umuntu isipoxo. [4]) UJesu uti: *Ninganqumi 'ndaba ya'muntu, yikona neyenu ingayikunqunywa, ngobapela, njengaloko ninquma ezabanye, neyenu iyakunqunywa kanjalo, nendinganiso enilinganisela ngayo abanye, nani niyakulinganiselwa ngayo.*» [5]) Wati futi: *Iso lako libi konje ngokubane mina ngilungile, na?* [6]) UPaulus ocw. uti: *Kimi aku'nto ya'nto ukuba indaba yami inqunywe yinina kumbe l'usuku lwabantu; kepa nami angizinqumeli neyami nje. Ngo-*

[1]) Ag. 24, 21.—[2]) Sir. 28, 28.—[3]) Rom. 1, 28-32. [4]) Shum. 10, 3. [5]) Matth. 7,1-2.—[6]) Matth. 20,15.

ba akuko'nto kambe engiz'azela yona; kepa akuyi ngaloku ukuba ngibe ngipepile; onquma kodwa indaba yami, yiyo inKosi. Ngaloko-ke ningabe ninquma kungakabi 'sikati, kuze kufike inKosi, eyona iyakukanyisa nokufihlekile ebumnyameni, iveze izibomu zezinhliziyo, yikona yilowo nalowo eyakuba nokubabazeka kwake ku'Nkulunkulu.» [1]) UJakob ocw. uti: «*Munye otshaya imiteto nonquma izindaba, Yena lowo onamandhla okujezisa nokusindisa. Wena kanti, uy'ini konje ukuze usuke unqume indaba yomakelwane wako na?*» [2])

IV.

Ukulungiswa kwezono ezipambene nomteto wesi8.

651. Owone udumo lwomuntu unomteto wokwenza-ni na?

Owone udumo lwomuntu unomteto wokumbuyisela lwona.

Owone udumo lwomuntu undawonye nesela nesigebengu. Nas' isaga siti: «*Udumo luy'into enhle kunemfuyokazi.*» [3]) E! Oqambele omunye akabuyise amanga ake; ohlebe omunye akalungise njengamandhla anawo. At'uma eng'enzi njalo, angatetheleleki.

652. Singavinjelwa y'ini ukwona emtetweni wesi8 na?

Singavinjelwa ukwona emtetweni wesi8 ng'ukukumbula ukuti kupambene nomteto omkulu wenKosi, nokuti kulukuni ukulungisa futi.

Umteto omkulu ka'Kristo uti: «*Wotanda umakelwane njengoba uzitanda. Ke, lo'mteto ufana nowokuqala*», nowokuti belu: *Wotanda uNkulunkulu!* Aike, ukuzitanda kwetu, kasifuni ukuba abanye b'one udumo lwetu, balubulale. Ngako-ke uKristo uti: «*Konke enisuka nitanda ukuba abantu ban'enzele kona, nani b'enzeleni kona loko!*» [4]) E! Osuk' eti, ul'iKristo, engalondi wona umteto omkulu ka'Kristo, unamanga. Bala, kungaba ngeono ukuba siwulonde, ngobapela, uma singawulondi, sivelelwa umteto onzima wokulungisa esikwonile. Ke, kulukuni kona; ngezinye izikati akus'enzeki nje ukuba silungise konke. Kanti, ukutetelelwa noma embapatizweni noma empendukisweni, singetetelelwe ngokuyiko uma singena'nhliziyo yokulungisa njengamandhla esinawo.

Naku akutshoyo uJakob ocw. ngolimi. Uti: «. . . *ulimi luy'isito esincane nje, kanti lwenza okukulu! Beka, ng'umlilwana*

[1]) 1. Kor. 4,3-5.—[2]) Jak. 4,12-13.—[3]) Ag. 22,1.—[4]) Matth. 7,12.

ongakanani nje, kanti utshisa ihlati elingakanani bo! E! Nolimi luumlilo, bala luy'indikimba yobubi bwonke. Ulimi, kuzo zonke izito zetu, yilo olubaceka umzimba wonke, yilo olwokela isondo letu el'esuka ekuzalweni kwetu, lwokile esihogweni. Ngobapela ubulwane, noma yibupi, nobwezindizayo nobwezinwabuzelayo nobwani buyakuzeka, bukuzwa umuntu, kanti ulimi, amuko ku'bantu ongalukuza, lwona luububi obungena'kukalimeka, lugcwele ubuti obubulalayo. Ngalo sidumisa uNkulunkulu, uBaba: ngalo siqalekisa abantu, abona, ukudalwa kwabo, bafuziswa uNkulunkulu. Kuwona lowo 'mlomo kuvela ukuhlahlamelisa nokuqalekisa. Ke, 'bazalwane bami, ngakungenjalo bo! Isipetu siveza amanzi amnandi namuncu kuwona lowo 'mtombo konje na? Konje, 'bazalwane bami, umkiwane ungaveza iwaine na, kumbe iwina liveze ikiwane na? Kanjalo namanzi amuncu angeveze amnandi. Ng'umupi kinina ohlakanipile, osileyo na? Akahlalukise ukwenza kwake ngokuba chamba kahle ngobunene bwesazi. Kanti uma ninobukwele obubabisayo, uma nipik' inkani êuhliziyweni zenu, ningabozitsho, ningaqambi okupambene nesiminya. Ngoba ubuhlakani obunjé abuyilobo obuvela ngapezulu, yibo obwomhlaba lo, obuka'govana, obuka'satana. Ngobapela lapo kukona ubukwele nenkani, kukona nesiyaluyalu lapo nokwenza nakupi okubi. Kanti ukuhlakanipa okuvela ngapezulu, into yokuqala—kumhlope qwa, okunye—kutand' uxolo, kubamb' inyewe, kubek' indhlebe, kuvuna abalungileyo, kugcwele isihau nezitelo ezihle, kakunqumi 'ndaba ya'muntu, kakuna'kuz'enzisa. Ke, isitelo sobuhle siyahlwayelwa ngoxolo yilabo abalond' uxolo. [1])

V.

Ukuzilondela udumo.

653. Sinomteto yini wokuzilondela udumo na?

Yebo, sinomteto wokuzilondela udumo, ngoba luy'into enkulukazi, nangoba sinomteto futi wokuzitanda.

Singadela nje udumo lwetu, la kuswelekile ngenxa yomakelwane noma ngenxa ka'Nkulunkulu. Naku kutiwa: *Ninenhlanhla, uma nijivazwa ngenxa yegama lika'Kristo.* [2]) Akufundwe namazwi ka'Jesu namanye as'ekugcineni kuka'*number* 579.

654. Ukuzilondela udumo, as'enze njani na?

Ukuzilondela udumo, asilunge, sixwaye nokungati kufana nokubi, silwele udumo lwetu ngokufaneleyo.

[1]) Jak. 3,5-18.—[2]) 1. Pet. 4,14.

«Anoba nenhliziyo ez'azela okuhle kodwa, yikona koti, uma kukona ababaceka ukuhamba kwenu okuhle okunjengokuka-'Kristo, bajabiswe ngabakukulumayo, bekukuluma kabi ngani.»[1])
«Xwayani konke okungati kufana nokubi!»[2])

II.

Imiteto e'si6 yeBandhla.

Ukuti iBandhla eliy'ingewele lika'Nkulunkulu linawo amandhla okumisa imiteto, nokuti imiteto enjalo iyambopa ngempela umuntu, aze atole isono uma engayilondi, sekw'ezwakala ku'*numbers* 313-320, 328, 330, 340. Aike, miningi kambe imiteto iBandhla eliyimisile; kodwa epata umpakati wonke, yile'miteto e'si6 esesizaukuluma ngayo.

Pela, ngayo iBandhla liyacaza nje imiteto ka'Nkulunkulu neka-'Kristo, loku naku umteto woku1 weBandhla uhlangene nowesi3 ka'Nkulunkulu, owesi2 weBandhla nowesi5 ka'Nkulunkulu, owesi3 weBandhla nesakramente lempendukiso, owesi4 weBandhla neSakramente lokubonga, owesi5 weBandhla nomteto wesi4 nowesi7 ka'Nkulunkulu, owesi6 weBandhla nowesi6 ka'Nkulunkulu nesakramente lomtshado.

Njengoba kuyilo iBandhla elimisa imiteto, linamandhla futi okuyiyeka nokuyiguqula, noma liyiyekela, liyiguqulela iBandhla lonke, noma izwe elitile, noma amakolwa atile.

Umteto woku1 weBandhla.

"Yiya emisseni ngamasonto nangezinsuku ezinomteto wesonto!"

Le'ndaba seyakulunywa emtetweni wesi3 ka'Nkulunkulu. Kusasele nje ukuti **izinsuku ezinomteto wesonto kuwo wonke** ng'olwokuzalwa kwenKosi, olwokusokwa kwayo, olwokuhlaluka kwayo kwabezizwe, olwokwenyukela kwayo, olwokumitwa okunganindekile kuka'Maria, olwokwenyuswa kwake, oluka'Petrus noPaulus, nolweziCwetshiswa zonke.

655. Ngemvumelo ka'Papa izinsuku ezinomteto wesonto kuleli'zwe yizipi na?

Ngemvumelo ka'Papa izinsuku ezinomteto wesonto kuleli-'zwe ng'olwokuzalwa kwenKosi, olwokwenyukela kwayo, olwokwaziswa kuka'Maria, nolweziCwetshiswa zonke.

Olwokuzalwa kwenKosi (uKisimusi) lungo25 Dezember; olwo-

[1]) 1. Pet. 3,16.—[2]) 1. Thess. 5,22.

kwenyukela kwayo, imvama, luvela ngenyanga ka'May; olwokwaziswa kuka'Maria lungo25 March; olweziCwetshiswa zonke lungo1 November.

Njengaloko kukona izinsuku ezinomteto wesonto kulo lonke iBandhla, zingenawo kodwa kuleli'zwe, kanjalo kukona nezinye ezazinawo kudala. Aike, kutiwa, *y'izinsuku eziy'ingcwele.* Kuhle kambe uma amakolwa esonta ngazo, kepa, ukuba umteto, aku-'mteto. Ngako-ke, ukuba isono, aku'sono noma engasonti ngazo, noma esebenza ngazo.

Umteto wesi2 weBandhla.

"Zila ukudhla, zila inyama ngezinsuku ezinqunyelwe kona!"

I.

Izinsuku zokuzila.

656. Njengomteto wesi2 weBandhla *usuku lwokuzila* lunomteto wokuti-ni na?

Njengomteto wesi2 weBandhla *usuku lwokuzila* lunomteto wokuti, umuntu akasute kube kanye nje ngelanga, azile futi inyama nokukanye nayo, namaqanda, nobisi nokukanye nalo.

1. *Ukusuta kanye ngelanga:*—Abajwayele ukudhla katatu ngelanga, uma bedhla idina emini, bavunyelwe ukudhla kancane nje ekuseni nantambama; uma bedhla idina ntambama, bavunyelwe ukudhla kancane nje ekuseni nas'emini. Abajwayele ukudhla kabili nje ngelanga, uma okwokuqala kungenhlazane, bangazinqumela ukuti yikupi okul'idina kubona; uma bedhla okwokuqala ekuseni, yiko okwesibili okul'idina.

2. *Inyama,* yiyo eyezilwane ezihamba emhlabeni neyezinyoni. —*Okukanye nenyama* ng'umhluzi wayo, namafuta avela kuyo.

3. *Okukanye nobisi* ng'amasi, umlaza, ibotela, utshizi.

4. Konke okunye ukudhla, okungatshiwo lapa pezulu, kuvunyelwe ngolwokuzila. Ngako-ke

5. kuvunyelwe ukuba kudhliwe ngazo *inhlanzi nokukanye nazo. Okukanye nênhlanzi* yizo zonke izilwane ezihlala emanzini, nênyamazane nezilwane zamanzi ezihlala emanzini nas'emhlabatini, nezinyoni zamanzi, ezas'endhle belu.

657. Ngemvumelo ka'Papa izinsuku zokuzila ezinalo'mteto zingaki kuleli na?

Ngemvumelo ka'Papa izinsuku zokuzila ezinalo'mteto

zimbili nje kuleli: olwesitatu lwomlota nolwesihlanu olumnyama.

Into nje, selo kwaba olwe13 luka'June 1910, kuvunyiwe ukutela ubisana etiyeni nas'ekofini, nangalezi 'zinsuku.

658. Ngezinye izinsuku zokuzila, ngemvumelo ka'Papa, iti-ni indaba yamaqanda nobisi kuleli na?

Ngezinye izinsuku zokuzila, ngemvumelo ka'Papa, kungadhliwa kuleli amaqanda nobisi nokukanye nalo.

659. Ngazona lezo 'zinsuku, ngemvumelo ka'Papa, iti-ni indaba yenyama kuleli na?

Ngazona lezo 'zinsuku, ngemvumelo ka'Papa, kuvunyiwe kuleli ukuba inyama idhliwe edineni, kunge olwesihlanu; kunqatshiwe kodwa ukuhlanganisa înhlanzi nenyama ekudhleni kunye.

1. "Kuvunyiwe ukuba inyama idhliwe *edineni*" **kube kupela** (*number* 666, 1).

2. "Inyama" nokukanye nayo. Kuyabonakala ukuti, la kuvunyiwe ukudhla inyama uqobo, kuvunyiwe nokudhla umhluzi wona ngokwawo; la kunqatshiwe ukudhla inyama uqobo, kunqatshiwe nokudhla umhluzi wona ngokwawo.

3. "Kunqatshiwe ukuhlanganisa înhlanzi nenyama ekudhleni kunye"; ngako-ke odhla inyama akayeke înhlanzi nokukanye nazo, odhla înhlanzi akayeke inyama. Kodwa kus'obala ukuti akwaliwe ukuba kuhlanganiswe izinhlobo zenyama: eyenkomo neyembuzi neyenkuku neyengulube neyani neyani.

660. Ngazona lezo 'zinsuku kuvunyiwe ukuba kuleli ukudhla kupekwe ngani na?

Ngazona lezo 'zinsuku kuvunyiwe ukuba kuleli ukudhla kupekwe ngamafuta avela ezilwaneni.

Amanye amafuta, avela ezilimweni nas'ezitelweni, avunyelwe kakade.

661. Izinsuku zokuzila yizipi na?

Izinsuku zokuzila yizo zonke ezenkati yokuzila, nezênkati ezine zomnyaka, nezokulindela.

1. *Inkati yokuzila* iqala ngolwesitatu lwomlota, ipela ngomgqibelo omkulu.

Ngamasonto nangezinsuku ezinomteto wesonto akuzilwa. E! Seloku kwaba olwesi2 luka'July 1911, uPapa umise umteto wokuti, izinsuku ezinomteto wesonto kazisena'mteto wokuzila ukudhla noma inyama.

Njengoba kungazilwa ngamasonto, kuyabonakala ukuti inkati yokuzila ng'eyokuzila izinsuku ezi'ma40 (kutatela kwolwomlota kuze kutshaye isonto, y'izinsuku ezi4; besokuba isitupa sênsuku njalo ngamasonto asi6=36; 4+36=40), njengaloko noJesu wazila izinsuku ezi'ma40.

Amasonto nezinsuku ezinomteto wesonto ezivela enkatini yokuzila zinomtetwana munye nje, wokuti, ekudhleni kunye akuna-'kuhlanganiswa inyama nênhlanzi (*number* 659, 3).

2. Izinsuku zokuzila *zênkati ezine* zomnyaka (isilimela, ihlobo, ukwindhla, ubusika) zintatu njalo: olwesitatu, olwesihlanu, umgqibelo.—Zimiselwe ikakulu ukuzamela abayakuba abapriste (njengoba b'amukeliswa izikundhla zobupriste ngalezi 'zinsuku), nokucela ku'Nkulunkulu ukudhla nempahla.

3. *Ezokulindela* izinsuku ezinkulu. Kutiwa ng'"ezokulindela", ngoba endulo amakolwa ab'eya esontweni ngazo, "azolinda" ebusuku, alindele ukusa kwosuku olukulu. Manje kus'enzeka nje ngolwokulindela usuku lwokuzalwa kwenKosi.

II.

Izinsuku zokuzila inyama.

662. Izinsuku *zokuzila inyama* zinomteto wokuti-ni na?

Izinsuku *zokuzila inyama* zinomteto wokuti, kunqatshiwe ukuba kudhliwe inyama nokukanye nayo.

663. Kuleli'zwe lezi 'zinsuku zinemvumelo yokuti-ni na?

Kuleli'zwe lezi 'zinsuku zinemvumelo yokuba ukudhla konke kupekwe ngamafuta avela ezilwaneni.

664. Njengomteto weBandhla izinsuku zokuzila inyama yizipi na?

Njengomteto weBandhla izinsuku zokuzila inyama yizo zonke ezokuzila ukudhla, nolwesihlanu nomgqibelo njalo.

665. Ngemvumelo ka'Papa izinsuku zokuzila inyama yizipi kuleli na?

Ngemvumelo ka'Papa izinsuku zokuzila inyama kuleli ng'olwomlota, olwokulindela usuku lwokuzalwa kwenKosi, nolwesihlanu njalo, kube kupela.

Sekwatshiwo ku'*number* 659 ukuti ngezokuzila ukudhla kuvunyiwe ukuba inyama idhliwe edineni, kunqatshiwe kwokungel'idina.

Sokw'ezwakala ku'*number* 661,1 ukuti izinsuku ezinomteto wesonto kazisena'mteto wokuzila inyama.

III.

Kuleli'zwe njengemvumelo ka'Papa indaba yokuzila iti:

I. Inkati yokuzila, eyênsuku ezi'ma40

iqala ngolwesitatu lwomlota, ipela ngomgqibelo omkulu.

1. Ngazo zonke izinsuku zayo kuvunyiwe ukuba amakolwa anomteto wokuzila *asute kanye nje ngelanga,* la edhla idina belu.

Abajwayele ukudhla katatu ngelanga, uma bedhla idina emini, bavunyelwe ukudhla kancane nje ekuseni nantambama; uma bedhla idina ntambama, bavunyelwe ukudhla kancane nje ekuseni nas'emini.

Abajwayele ukudhla kabili nje ngelanga, uma okwokuqala kungenhlazane, bangazinqumela ukuti yikupi okul'idina kubona; uma okwokuqala kudhliwa ekuseni, yiko okwesibili okul'idina.

Ngamasonto nangezinsuku ezinomteto wesonto akuzilwa.

2. Ngolwesitatu lwomlota kunqatshiwe ukuba kudhliwe 'luto nokuba kupekwe nga'luto oluvela ezilwaneni ezihamba emhlabatini nas'ênyonini (inyama, umhluzi, amafuta; ubisi, amasi, umlaza, ibotela, utshizi; amaqanda).

Kuvunyiwe kodwa ukutela ubisana etiyeni nas'ekofini.

3. Ngezinye izinsuku zale'nkati:—

(a) Kuvunyiwe ukuba *kudhliwe inyama* nokukanye nayo edineni, kunge olwesihlanu. La kuvunyiwe ukuba kudhliwe inyama, kuvunyiwe ukuba kudhliwe nomhluzi; la kunqatshiwe ukuba kudhliwe inyama, kunqatshiwe ukuba kudhliwe nomhluzi.

(b) Kuvunyiwe ukuba *kudhliwe ubisi* nokukanye nalo, *namaqanda,* noma kul'idina noma kungesilo.

(c) Kuvunyiwe ukuba *kupekwe ngamafuta* avela ezilwaneni nazipi, nangolwesihlanu.

(d) Kunqatshiwe *ukuhlanganisa inyama nênhlanzi* ekudhleni kunye. Inhlanzi, nokukanye nênhlanzi:—izilwane ezihlala emanzini, nênyamazane nezilwane zamanzi (ezihlala emanzini nas'emhlabatini), nezinyoni zamanzi (ezas'endhle belu).

4. Amasonto nezinsuku ezinomteto wesonto ezivela ngale'nkati azina'mteto wokuzila 'luto. Kodwa kunqatshiwe ukuhlanganisa inyama nênhlanzi ekudhleni kunye.

5. Olwesihlanu olumnyama lunomteto owonawona, olwesitatu lwomlota olunawo.

II.

Ezinye izinsuku zokuzila.

1. *Ezênkati ezine zomnyaka:* isilimela, ihlobo, ukwindhla, ubusika. Yilo olwesitatu, olwesihlanu, nomgqibelo wesonto linye njalo. Lezi 'zinsuku zivela:

(a) emva kwesonto lesi3 lenkati yokuza kwenKosi (ihlobo),

(b) emva kwesonto loku1 lenkati yokuzila (ukwindhla),

(c) emva kwesonto lepentekoste (ubusika),

(d) emva kwesonto lesi3 lika'September (isilimela).

2. *Ezokulindela:—*

(a) olwokulindela (24. Dez.) usuku lwokuzalwa kwenKosi (uKisimusi),

(b) olwokulindela (umgqibelo) isonto lepentekoste,

(c) olwokulindela (28. June) usuku luka'Petrus noPaulus,

(d) olwokulindela (14. Aug.) usuku lwokwenyuswa kuka-'Maria,

(e) olwokulindela (31. Okt.) usuku lweziCwetshiswa zonke.

3. Zonke lezi 'zinsuku zinomteto wona lowo, ezenkati zokuzila ezinawo. Into nje, olwokulindela usuku lwokuzalwa kwenKosi lunomteto wokuba kuzilwe inyama.

III.

Izinsuku zokuzila inyama.

1. Yilezi:—

(a) *olwesihlanu njalo;* kodwa uma kul'usuku olunomteto wesonto, auko umteto wokuzila inyama;

(b) olwesitatu lwomlota,

(c) olwokulindela usuku lwokuzalwa kwenKosi.

2. Ngazo zonke *izinsuku zokuzila* ekudhleni okungel'idina kunqatshiwe ukuba kudhliwe inyama nokukanye nayo.

3. Ngezinsuku *zokuzila inyama,* kuvunyiwe ukuba kupekwe ngamafuta avela ezilwaneni.

4. Ngazona lezo' zinsuku kuvunyiwe ubisi nokukanye nalo, namaqanda, nênhlanzi nokukanye nazo.

IV.

Ubudala bwabanomteto wokuzila.

666. Ubudala bwabanomteto wokuzila ukudhla yibupi na?

Ubudala bwabanomteto wokuzila ukudhla yibo obungapezu kweminyaka e'ma21 nanganeno kwe'ma60.

667. Ubudala bwabanomteto wokuzila inyama yibupi na?

Ubudala bwabanomteto wokuzila inyama yibo obungapezu kweminyaka e'si7.

Akufundwe okuku'*number* 539.

V.

Ukuyekelwa umteto wokuzila.

668. Umuntu ob'enomteto wokuzila ukudhla akanawo, uma kunjani na?

Umuntu ob'enomteto wokuzila ukudhla akanawo, uma 'ahluleka ukuzila, nalapo eyekelwa kona.

1. Ukwahluleka:—

(a) 'ahlulwa ng'ukufa, ubutakataka, ukumita nokuncelisa, nani enjé;

(b) 'ahlulwa umsebenzi onzima, okatazayo, noma ng'owezandhla, noma ng'owekanda.

2. Ukuyekelwa abakulu beBandhla:—

Umuntu odinga ukuti, konje, njengoba kuukuti, nginawo yini umteto wokuzila na, akaye abuze kwabakulu beBandhla. Uma bebona ukuti yiko ukwahluleka, bazautsho njalo: uma beti, njengoba engazili, akatandaze imitandazo yokuti, ape abampofu, 'enze ukuti-ni, kuhle akwenze; kodwa noma engakwenzi, ukwona, ak'oni, loku naku isisusa sokungazili kwake kung'*ukwahluleka*. Kepa uma bengamyekeli ngenxa yokwahluleka, bemyekela ngesinye isisusa esitile, bangamtshayela *umteto* wokuti, ak'enane ukuzila ngomsebenzi omuhle wokuti.—Oyekelwe umteto wokuzila ukudhla, uyekelwe nowokuzila inyama ngezinsuku okuvunyelwe ngazo ukudhla inyama edineni.

669. Umuntu ob'enomteto wokuzila inyama akanawo, uma kunjani na?

Umuntu ob'enomteto wokuzila inyama akanawo, uma 'ahluleka, nalapo eyekelwa.

1. Ukwahluleka:—

(a) Uma 'ahlulwa ng'ukufa, ubutakataka, nani enjalo: kuhle kuvele ku'dokotela, noma ku'mpriste ayuma kuye, noma k'omunye umuntu osileyo izwi lokuti, yiko ngempela ukwahluleka.

(b) Uma 'ahlulwa indhlala, kungeko okunye ukudhla la ehlala kona, la efike kona, es'emkunjini, noma kwenza njani.

(c) Uma 'ahluleka, ngoba eng'umuntu opetweyo. Uma abazali benemvumelo yokungazili inyama, umntwana uyadhla

akunikwa abazali. Ibuto liyadhla elikunikwa abalipeteyo. Isisebenzi esidhla ukudhla kwosiqatshile siyadhla esikunikwayo.

Ikolwa elihlezi emzini wamaqaba kumbe k'owamaProtestante alibone noma kuyiko ukwahluleka noma akusiko yini na; lit'uma lidinga, alibuze kwabakulu.

2. *Ukuyekelwa abakulu:*— Imvumelo yokudhla inyama njalo ngaicelwa ku'mbishopu.

VI.

Kuzilelwa-ni na?

670. IBandhla limisele-ni umteto wokuzila na?

IBandhla limise umteto wokuzila, ngoba kuhle ku'Nkulunkulu, kuhle nak'ozilayo.

1. *Kuhle ku'Nkulunkulu.* Uye owati kwabakwa'Israel: *Naku okuzakuba umteto kinina, ukuti: "Ngenyanga yesikombisa, ngosuku lwayo lweshumi, nozipata kalukuni* (nizile ukudhla belu), *ningasebenzi 'msebenzi ngalo* (kube "usuku olumnyama", olwokuzila)". [1]) Ukuzila kwabas'eTestamenteni elidala kwakukuhle ku'Nkulunkulu T. d. 37, 74, 84, 98. NoJesu nabApostole babezila T. t. 12, 99.

2. *Kuhle nak'ozilayo* ngokwomzimba, kodwa kasikulumi ngako lapa. Kuhle kakulu ngokwompefumulo, la kwenziwa ngenhliziyo enhle, njengoba nang' uJesu eti: *La nizil' ukudhla, ningabohwaqabala njengabaz'enzisi; ngoba bona babuti hwaqa ubuso, ukuze abantu babone ukuti, nampa bezila bo! Ngiqinisile ngiti kinina, sebelitolile iholo labo. Wena-ke la uzila, geoba ikanda lako, geza ubuso bwako, ukuze abantu bangaboni ukuti uyazila, kubone nje uYihlo okona esitekile; pela, uYihlo obona esitekile uyakukuholela.*» [2])

671. Okuzilwayo kuyazilwa yini ngoba kukubi na?

Qabo, okuzilwayo akuzilwa ngoba kukubi, inganti kwenzelwa ukukuza inhliziyo ngokuzinqabela okumnandi nangokulalela umteto.

Kuyabonakala ukuti akuko 'luto olubi kwakudalile uNkulunkulu. Kungako-ke uJesu wati: *Okungena emlonyeni akuyiko okungcolisa umuntu; qa, okupuma emlonyeni yiko okumngcolisa umuntu . . . Kaniboni yini konje ukuti konke okungena ngomlomo kuyafika esiswini, kuze kucitwe ngapandhle? Kanti okupuma emlonyeni kuvela enhliziyweni; yiko-ke okungcolisa umuntu.*» [3]) Kepa noko, kona emparadisweni uNkulunkulu

[1]) 3. Mos. 16,29.—[2]) Matth. 6,16-18.—[3]) Matth. 15,11. 17-18.

wat'es'enike abantu konke, wati, akube okwabo, watshaya umteto wokuti: abazile izitelo zomuti opakati kwengadi. Kanjalo uNkulunkulu watshayela nabakwa'Israel imiteto yokuzila ukuti nokuti. NabApostole b'enza njalo. E! Nabantu abamnyama, la kuzilwa amasi, bayatsho yini ukuti wona ay'into embi, na? Aike, lezo 'zinto, okutiwa, asizizile ngezinsuku zokuti, ukuba bezizimbi, angiti ngazingadhliwa nangalup' usuku na?

Kuyabonakala-ke ukuti, ukuzila kwetu, s'enzela ukukuza inyama yetu, sizinqabele; s'enzela nokulalela, s'enze elikutshoyo iBandhla lika'Nkulunkulu.

Umteto wesi3 weBandhla.

"Vuma izono zako ku'mpriste ovunyelweyo, okungenani kanye ngonyaka!"

Le'ndadba iyaukulunywa esakramenteni lempendukiso.

Umteto wesi4 weBandhla.

"Y'amukela ikomunione, okungenani ngenkati yepasika!"

Inkati yepasika iqala kuleli ngolwesitatu lwomlota, ipela ngolwesi8 lwomkosi ka'Petrus noPaulus. Okunye okwalo'mteto kuyakufumaniseka esakramenteni lokubonga.

Obonakala ukuti ub'engasalondi ngelake icala le'miteto emibili, owesi3 nowesi4, kasena'kufaniswa nekolwa; ngako-ke kana'kwembelwa emalibeni amakolwa, uma efile.

Umteto wesi5 weBandhla.

"Kipa isicelo seBandhla nabakulu balo!"

Le'ndaba seyakulunywa emteiweni wesi4 ka'Nkulunkulu. Kusasele nje ukuti:

Kus'ekuboneni nas'emandhleni omBishopu ukutsho ukuti, ukukipa isicelo akwenziwe njani na, nokuti umnikelo wemissa, nowombapatizo, nowomtshado, nowani ube ngakanani.

Sekw'ezwakala ekupeleni kuka'*number* 508 ukuti akuso "ukutenga into ey'ingewele", njengoba nendoda ekipa isicelo senkosi yakubo ingatengi 'luto lwayo.

Umteto wesi6 weBandhla.

"Ungatshadi nabantu abangavunyelwe nangenkati engavunyelwe!"

Konke loku kuyaukulunywa esakramenteni lomtshado.

3.

Ukwona nokulunga.

I.

Ukungalondi imiteto—izono—izixwalo.

1.

Ukwona kuy'ini na?

Lapo sakuluma kona ngokumtanda uNkulunkulu, kw'ezwakala ukuti siyamtanda uma sivuma, s'enza akutandayo. Ke, akutandayo sekuzwakele ngemiteto yake neyeBandhla eliy'ingcwele eliumlomo wake. Ngako-ke sekufanele ukuba sibuyele k'okwatshiwo ku'*number* 403, ukuti:

Isono, uqobo lwaso, ng'ukupenduka ku'Nkulunkulu kupendukelwe kwenye into; umuntu ashiye uNkulunkulu, akete enye into; amale uNkulunkulu, atande enye into.

Akuso *ukumala uNkulunkulu* kona kodwa, njengoba umuntu, uma 'ala umuntu, angamala nje, angasuki atande omunye.

Akuso *ukutanda okungeYena* kona kodwa futi, loku singatanda okudaliwe ng'uye ngotando oluvumelene nomteto wake.

Kuyiko *kokubili kanyekanye:* ukumala uNkulunkulu **no**kutanda okungeYena.

672. Ukumala uNkulunkulu, siyamala ngokwenza-ni na?

Ukumala uNkulunkulu, siyamala ngokweqa umteto wake, s'azi ukuti s'enza njalo, sitanda noko ukwenza kona.

1. *Izindaba* ezipambene nemiteto kazifani: *ezinye zinkulu, ezinye zincane,* njengokweba aompondwe, nokweba indibilitshi nje. Ngako-ke, nokweqa kwetu imiteto, sipambana nayo kakulu, la indaba inkulu; sipambana nayo kangcono, la incane.

2. Kanjalo futi *ukwazi* nokwazi kubili. Okunye siyakwazi ngempela, *nokukumbula,* sikumbulile ukuti into esesizauy'enza ipambene kakulu nomteto, e! uma kunjalo, kwenzeka isono esikulu. Okunye, mhlaumbe siy'azi nje, sing'azisisi kodwa; mhlaumbe nokukumbula, kasikumbulile ngempela ukuti loko 'kuti esesizaukwenza kuyiso isono esikulu emtetweni ka'Nkulunkulu; e! uma, ukwazi, s'azi ka'lufifi nje, ukukumbula, sikumbulile ka'lufifi nje, kungcono ukwona loko.

3. Njengoba ukwazi nokwazi kungafani, nanjengoba ukukumbula nokukumbula kungafani, kanjalo futi *ukutanda* nokutanda akufani. Pela, kasikulumi lapa ngokutanda *kwenhliziyo,* qa, sikuluma *ngamandhla okuz'enzela* esinawo ngokuba *sinompefumulo,* ngalawo belu okutiwa *y'intando* (*number* 95). Ke, intando yona ngokwayo kuy'impumpute ekanyiselwa ingqondo. Manje-ke, uma is'ikanyiselwa ukuti indaba yokuti y'indaba enkulu epambene nomteto wokuti, **ib'is'izitandela yona noko,** kwenzeka isono esikulu, esibubisayo. Ngani na? Ngoba nans' intando yomuntu imelene neka'Nkulunkulu ngento enkulu, e! eyomuntu njengokwayo iy'ahlula eka'Nkulunkulu. Kepa uma ingazitandeli *ngempela,* is'ala nganxanye, isalwa nokubi nganxanye noma is'ivuma nganxanye, kungavela kambe isono, kodwa singcono. Ngako-ke:

673. Isono esikulu s'enzeka, uma s'enza njani na?

Isono esikulu s'enzeka, uma s'eqa umteto, s'azi ngempela, sikumbulile futi ukuti kuy'indaba enkulu emtetweni lowo, sitanda noko ukukwenza.

Kutatu okukona, la kukona isono esikulu okutiwa esibubisayo:

okwokuqala, *indaba enkulu* emtetweni ka'Nkulunkulu noma oweBandhla lake;

okwesibili, *ukwazi ngempela nokukumbula* ukuti kuyiyo;

okwesitatu, *ukuzitandela noko ngempela* ukukwenza, noma ngokung'ali noma ngokuvuma noma ngokutanda noma ngokufuna.

Uma kulezi 'zinto ezintatu kudingeka noma inye nje, akuko 'sono esikulu, esibubisayo pela.

Aike, uma nga umuntu, ngokupambeka kwake, efanisa indaba enge'nkulu nenkulu, kuy'enzeka isono esikulu, loku *ngokwake ukwazi* 'azi ukuti inkulu. Futi, uma, ngokupambeka kwake, efanisa indaba enkulu nenge'nkulu, akwenzeki isono esikulu, loku *ngokwake ukwazi* 'azi ukuti incane. Ukuti kona ukupambeka kwake kul'icala yini, iyodwa le'ndaba; kungaba yilona uma epambekile ngelake icala.

674. Isono esingcono s'enzeka, uma s'enza njani na?

Isono esingcono s'enzeka, uma s'eqa umteto, s'azi ukuti kuy'indaba encane emtetweni lowo, sitanda noko ukwenza njalo.

Nakuba kuyiso isono esingcono nje kambe, lokupela kungeko 'ndaba enkulu, noko lubi lolu 'hlobo lwezono ezingcono, loku naku isibomu sokwona sikona. Osuk' engaxwayi ukwenza izono ezinjalo, ang'enza kalula nezikulu.

675. Isono esingcono s'enzeka nalapo s'enza njani na?

Isono esingcono s'enzeka nalapo s'eqa umteto, noma kuy'indaba enkulu noma encane, ukwazi nokukumbula nokutanda kwetu kunge ukwazi nokukumbula nokutanda ngempela.

Kanjalo-ke, la umuntu elingwa ng'umcabango omubi emtetweni wokuti, noma usoleka kuwo kakulu noma kancane, ab'es'ewuvumela nganxanye, nganxanye kodwa ingqondo yake ingakumbulile, ingaqapele ngempela, intando yake ingavumile ngempela, akuko 'sono esikulu lapo; kungaba esingcono; nalapo nga ukwazi kwake kunge'kwazi okuyiko, noma ukukumbula kunge'kukumbula okuyiko, noma ukutanda kunge'kutanda okuyiko, akuko 'sono nesinjani lapo.

Yizo-ke izono ez'enzeka ngobutakataka bwomuntu, njengoba naku kutiwa: *Nolungileyo uzakuwa ka'nkota, kodwa abuye avuke.**)

676. Ukwonakalisa kwesono esikulu kwahlukene-pi nokwesingcono na?

Isono esikulu s'onakalisa umpefumulo ngokuti nya, siwububisa pela; esingcono siw'onakalisa kangcono.

Number 581.—La umuntu 'ahlulwe isifo esikulu, uyafa, apele, impilo ingaseko na'kubako. La enesifo esingcono, usekona umumo wake, kodwa uyagula. Yiyo indaba yokububa kwompefumulo ngesono esikulu, neyokwonakala kwawo ngesingcono.

677. Ongaxwayi, ongayeki, ofuna ingozi yokwona undawonye nowenza-ni na?

Ongaxwayi, ongayeki, ofuna ingozi yokwona undawonye nofuna ukwona.

2.

Ukwesabeka kwokwona.

678. Konke ukwona, okububisayo nokungcono, kubi na?

Yebo, konke ukwona, okububisayo nokungcono, kubi impela, loku ng'uye uNkulunkulu njalo owoniwayo.

679. Ukwesabeka kwokwona okububisayo kubonakala ngani na?

Ukwesabeka kwokwona okububisayo kubonakala ngokuba ngako, njengokwetu, siyawucita umteto wokufuywa kwetu ng'uNkulunkulu, umEnzi wetu, umNinitina, inKosi yetu.

1. UNkulunkulu ung'*umEnzi wetu*, ung'*umNinitina*, uy'*inKosi yetu*. Tina-ke siy'into yake, siy'impahla yake, loku sifuyiwe ngo-

*) Ag. 24,16.

kubane s'enziwe. Ukubaleka emtetweni wokufuywa loku, akubalekeki. Pela, neqaba lelo eliti, kalimazi uNkulunkulu, kalimvumi, kalikwaz' ukuwubalekela. Into kodwa, uNkulunkulu unike umuntu amandhla awesabekayo, amandhla belu okuz'enzela, okutiwa y'intando. Wenzele-ni na? Wenzele ukumvivinya umuntu eselapa emhlabeni. Ngalawa 'mandhla umuntu, eselapa emhlabeni, kusey'isikati belu sokuvivinywa kwake, ang'ala ukuba agcine umteto wokufuywa kwake. UmNiniyena ati, y'enza ukuti, yena ati kangikwenzi; umNiniyena ati, ungakwenzi ukuti, yena ati, ngiyakwenza. E! Njengokwake umuntu owonayo uyayipika inKosi yake eng'umNiniyena; njengokwake uyayicita, loku ebusa kunayo, ez'enza inkosi enkulu kunenKosi yamakosi. Po-ke, aku-'cala el'esabekayo yini ukuba into edaliweyo ifune ukucita umDali wayo na?

Kepa yikona loku okwazis' ukuti *ukwona* kung' *ubulima obwesabekayo.* Ngani na? Ngoba, qed'uba kupele isikati sokuvivinywa kwomuntu, atatwe-ke lapa emhlabeni. Lapo-ke owahlulekayo ng'uye umuntu, 'ahlulwe nya ngomteto wokufuywa ng'umNiniyena, uNkulunkulu; kwahluleke wonke umuntu: iqaba nekolwa, umlungu nomuntu, onjani nonjani. Pela, uNkulunkulu wat'esipa amandhla okuz'enzela, watanda ukuba simkonze, simlalele, simtande *ngeyetu intando,* nangenxa yaloku unika wonk' ubani onke amandhla okuba 'enze njalo.

Naku kutiwa: »*UNkulunkulu, yena owakuzala, umshiyile; inKosi, umDali wako, ukohliwe iyo.*« [1]) »*Inkomo iyamazi umniniyo; imbongolo iyawazi umkombe womniniyo; kepa abakwa'Israel kabang'azi, abantu bami kabakuqondi loku.*« [2])

2. Ukwona kwetu, *siyamona* uNkulunkulu *ngazona lezo 'zinto esizipiwe uye:* ingqondo, intando, inhliziyo, izandhla, inyawo, amehlo, îndhlebe, nani nani. Ukuba wena 'Bani unika uBani umkonto, ngoba ewuswele, lowo 'Bani ab'es'esuka akugwaze ngawo—yikona loko akwenzayo umuntu owonayo.

3. Enye into ekona—angiti, la umuntu ehlala kwa'nkosi, nalapo ehanjelwe inkosi, uyaxwaya nokuxwaya ukwenza nentwana nje ay'aziyo ukuti inkosi kaiyitandi, 'azi pela ukuti *kuy'esabeka ukuyicunula inkosi ikona yona.* Ke, yiko esikwenzayo, la siy'ona inKosi uNkulunkulu, loku ilapo la sikona tina, i'ndawo zonke. Kungako-ke uJosef, la walingwa umka'Putifar, wati: »*Into embi kangaka, ngingasuka ngiy'enze kanjani nje, ng'one ngipambane noNkulunkulu wami na?*« [3])

[1]) 5. Mos. 32,18.—[2]) Is. 1,3.—[3]) 1. Mos. 39,9.

4. *Ukwoniwa kuka'Nkulunkulu:*—La kutiwa, "siyona" uNkulunkulu, "siyamhlupa", "siyamcunula", "siyamtukutelisa", siyatsho into ekona ngempela na? Aike, sitsho *into ekona ngempela* nganxanye, ngobapela njengokwetu siyakwenza konke loku, la simona uNkulunkulu.

Nganxanye *siyalinganisa* kambe, ngoba nokuka'Nkulunkulu siyakukuluma ngamazwi alungel' ubuntu, loku sidinga amanye alungele ubuNkulunkulu bwodwa. Noko akuso ukulinganisa ngento engeko nje. "Ukwoniwa" kuka'Nkulunkulu, ak'oneki, ak'onakali kambe njengomuntu, loku engaguquki (*number* 25); kanti noko ukwoniwa kwake ng'umuntu kuy'into ekona, njengoba necala lokwona kwomuntu liy'into ekona. "Ukuhlutshwa" kuka'Nkulunkulu, angehlupeke kambe njengomuntu, kanti noko ukuhlutshwa kwake ng'umuntu kuy'into ekona, njengaloko necala, umuntu alitolayo ngokumhlupa, liy'into ekona. "Ukucunulwa, ukutukuteliswa" kuka'Nkulunkulu, angecunuke, angetukutele kambe njengomuntu; kanti noko, njengoba uNkulunkulu ezonda okubi, e! njengoba eyiyo inzondo uqobo yokubi (*number* 17), ukucunulwa nokutukuteliswa kwake ng'umuntu owonayo kuy'into ekona, njengaloko necala alitolayo umuntu ngokwenza njalo liy'into ekona.

Ukulinganisa, singati nje: La umuntu oumfokazana nje esuka 'ona umuntu oy'inkosi enkulu ngokweqa umteto wayo, kuyabonakal' ukuti ukwoniwa kwenkosi kuy'into ekona, nakuba inkosi ngokwoniwa loko ing'onakali ngempela ngokwayo. Kus'obala ukuti umfokazana lowo, ngokudikila umteto wenkosi, akakwazi ukuyicita inkosi, kanti noko, ukutola icala, uyalitola.

680. Ukwesabeka kwokwona okububisayo kubonakala nangani na?

Ukwesabeka kwokwona okububisayo kubonakala nangokuba ngako siyawucita umteto wokutanda uNkulunkulu, uBaba.

Kuyabonakala ukuti uNkulunkulu ung'uyise wabantu bonke, loku eb'enzile, ebape konke abanako, eseyiló ebakweza, esey'iló ebapa abakuswelayo imihla ngemihla. Ung'uye kodwa ngempela kulabo abazalwa uye ngokuba es'ebaxotshise ixotsho elicwebisayo.

Ke, naku'bantu abamnyama kung'umhlola owesabekayo, uma umntwana ekwaz' ukweyisa uyise, nokumhlupa ngamabomu, nokumtshaya, nokufuna ukumbulala. Yiwona lo'mhlola awenzayo umuntu ku'Nkulunkulu, emona ngesono esibubisayo. « *Yizwani, 'mazulu, bek' indhlebe, 'mhlaba, loku kukuluma inKosi, iti:*

Ngikulisile abantwana, nokubapakamisa, ngabapakamisa, kanti bona bangidelele.» [1])

681. Ukwesabeka kwokwona okububisayo kubonakala ngani futi na?

Ukwesabeka kwokwona okububisayo kubonakala futi ngokuba ngako siyamala lowo otandeka kunako konke, esinomteto wokumtanda ngawo onke amandhla etu.

Kaiko into enhle kunaye uNkulunkulu uqobo, ngoba bwonke ubuhle obukona buvele kuye, budaliwe ng'uye. E! Owenza isono esibubisayo uyamala lowo oyiko "Okuhle okupeleleyo" (*number* 24), yena lowo, oti: "*Wotanda inKosi uNkulunkulu wako ngenhliziyo yako yonke . . . nangamandhla ako onke!*" [2]) Yena lowo futi owaqala wasitanda ngotando olungakauki 'ndawo. [3])

682. Ukwesabeka kwokwona okububisayo kubonakala nangani futi na?

Ukwesabeka kwokwona okububisayo kubonakala nangokuba sasindiseka kalukuni, nangoba ngokwona okububisayo siw'enz'ize umsebenzi womSindisi wetu.

Ukuba inDodana ka'Nkulunkulu yainomteto wokwenza zonke lezo 'zinto ezilukuni ngohlobo, eyaiz'enza selo yaba umuntu yaza yanqanyulezwa, kw'enziwa yiso isono esibubisayo (*numbers* 167-168).

Onke amandhla okulunga nokusinda, umSindisi wetu owasifunela, wasizuzela wona, wonke umsebenzi wake lowo owesabekayo siw'enz'ize ngokuba sibubisa umpefumulo wetu ngesono esibubisayo, siwuvimbela ukusinda.

683. Ukwesabeka kwokwona okububisayo kubonakala nangani-ke futi na?

Ukwesabeka kwokwona okububisayo kubonakala nangoba uNkulunkulu ubasele ab'onayo isihogo, emise umteto wokuti, otshone kona kasoze wapuma futi.

Numbers 207-212.—Ukwona okububisayo kwomuntu os'etole ixotsho elicwebisayo kuyakukulunywa esahlukweni salo.

684. Kuko konke okubi okung'ehlela umuntu, yikupi okukulu na?

Kuko konke okubi okung'ehlela umuntu, okukulu yiko ukwenza isono esibubisayo.

Nembala umuntu os'eqonde into ekona angadela konke, 'enz'ize nokubulawa uqobo kunokuba asuke 'enze isono esibubisayo.

---

[1]) Is. 1,2.—[2]) Mark. 12,30.—[3]) 1. Joh. 4,19.

Pela, siyamvimbela umuntu ukuhlala kahle nalapa emhlabeni nje:—ukungatuli kwenhliziyo, nokuhlauliswa ng'uNkulunkulu ngokwomzimba nangokwomhlaba (*numbers* 461-462).

685. Nokwona okungcono kubi kakulu yini na?

Yebo, nokwona okungcono kubi kakulu, loku kwoniwa ngako yena lowo 'Nkulunkulu owoniwa nangokwona okububisayo.

Into nje ekona ekwoneni okungcono, ukumala uNkulunkulu ngempela, kasimali ngempela; kodwa noko siyamona. E! Kungatiwa-ni konje ngomuntu ongayiciti kambe inkosi yakubo, noko engakatali ngokuninginingi, ekwenza nje, nakuba inkosi ingakufuni, na? Kungatiwa-ni ngomntwana ongabulali kambe abazali bake, ongabatshayi, ongab'eyisi ngempela, kanti 'enza nje okuningi abazali abangakutandi, na? Kumbe kungatiwa-ni ngomuntu os'ete, uyamtanda uBani, angamnaki, angakatali ngaye, az'enzele ngokwake ukutanda nje? E! Injalo indaba yomuntu owenza izono ezingcono.

Nenye into ekona, umSindisi wetu wahlutshwa kakulu nangenxa yezono ezingcono.

686. Ukwona okungcono kubi nangani na?

Ukwona okungcono kubi nangoba kungabanga ingozi yokwona okububisayo, nangoba kubanga inhlaulo.

Number 674.—Ngenxa yazo siyahlauliswa ng'uNkulunkulu lapa emhlabeni; kuti-ke uma kungapelanga lapa, sihlauliswe esihlanzweni (*numbers* 201, 203-206). —Ngazo siyamvimbela uNkulunkulu ukusixotshisa amaxotsho ebesiyakuwaxotsha kuye.—Kuyabonakala ukuti ngapandhle kwesono esibubisayo akuko 'kubi okudhlula isono esingcono.

EnCwadini ey'ingcw. kutiwa: «*Otembeka nak'okuncinyane uyatembeka nak'okukulu; ongalungile k'okuncinyane akalungile nak'okukulu.*»[1]) «*Ongakatali ngokuncane, kancane kancane uyakububa.*»[2]) «*Sengati ungabanda, kumbe ungatshisa! Kepa, njengaloku u'sivivi, ungabandi, ungatshisi futi, sengiyakukuhlanza ngikukipe emlonyeni wami.*»[3])

II.

Ukulonda imiteto—izilungo ezingadhluli ubuntu.

687. Kwanele yini ukuba sing'enzi 'zono na?

Qabo, akwanele ukuba sing'enzi 'zono nje, kuswelekile

[1]) Luk. 16,10.—[2]) Sir. 19,1.—[3]) Amb. 3,15-16.

ukuba s'enze okuhle, size sijwayele ukwenza kona, yikona siyakuba nezilungo.

«*Olungileyo asale esalungisisa pambili; ocwebile asale esacwebisisa pambili.*» [1])

Ukuti "isilungo" siy'ini, kufumaniseka epejini 216.—Indaba yezilungo ezidhlula ubuntu sey'ezwakala ku'*numbers* 373-403.

688. Izilungo ezingadhluli ubuntu zona ngokwazo zilungele yini ukusebenzela ukupila kwetu okudhlula ubuntu na?

Qabo, izilungo ezingadhluli ubuntu kazilungele ukusebenzela ngokwazo ukupila kwetu okudhlula ubuntu, singakusebenzela nje ngokusebenzisana namaxotsho ka'Nkulunkulu.

UJesu wati: «*Ning'enze 'luto ning'enziswa yimi.*» [2]) Wati futi: «*Kamuko ongafika kimina, uBaba ongitumile engamholi.*» [3]) UPaulus ocw. uti: «*Amuko onamandhla okuba ati, 'nKosi 'Jesu, engatshiswo uMoya ocw.*» [4])

III.

Izinhlobo zezilungo nezono.

689. *Izilungo* ezi4 okutiwa *ziyasekela* yizipi na?

Izilungo ezi4 okutiwa ziyasekela yilezi: 1. ukuhlakanipa, 2. ukuzinqabela, 3. ukutanda okuhle nokuzonda okubi, 4. ukuqina.[5])

690. *Izono* ezi'si7 okutiwa *zizala* ezinye yizipi na?

Izono ezi'si7 okutiwa zizala ezinye yilezi: 1. ukuzidhla, 2. ubuqonqela, 3. ubufebe, 4. umona, 5. ukuminza, 6. ulaka, 7. ubuvila.

691. *Izilungo* ezi'si7 okutiwa *zizala* ezinye yizipi na?

Izilungo ezi'si7 okutiwa zizala ezinye yilezi: 1. ukuzitoba, 2. ukupana, 3. ubumhlope bwenhliziyo, 4. ukujabulela inhlanhla yomuntu, 5. ukuzikuza ekudhleni nas'ekupuzeni, 6. umusa, 7. isineke.

692. *Izono* ezi'si6 okutiwa *zipambene noMoya ocw.* yizipi na?

Izono ezi'si6 okutiwa zipambene noMoya ocw. yilezi: 1. ukutemba kabi emuseni ka'Nkulunkulu, 2. ukupel' itemba, 3. ukumelana nesiminya sika'Nkulunkulu ses'aziwe, 4. ukuba nomona ngenxa yexotsho lika'Nkulunkulu, 5. ukupikelela ukwona, 6. ukwala ukupenduka.

[1]) Amb. 22,11.—[2]) Joh. 15,5.—[3]) Joh. 6, 44.—[4]) 1. Kor. 12,3.—[5]) Hlak. 7,8.

UJesu wati: *Okuluma okumelene noMoya ocw. kayikutetelelwa kona, nakuleli'zwe, nakwelipambili.*»*) Kwazis' ukuti umuntu osenenhliziyo enjalo akateteleleki. Kodwa uma ebuya eyiyeka, kus'obala ukuti angateteleleka.

693. *Izono* ezi4 okutiwa *zikalel' ezulwini* yizipi na?

Izono ezi4 okutiwa zikalel' ezulwini yilezi: 1. ukubulala umuntu ngamabomu, 2. isono sas'eSodoma, 3. ukudhla abampofu, abafelwakwazi nezintandane, 4. ukungaholeli izisebenzi imali ezifanele.

694. *Izono* ezil'i9 okutiwa *ng'ezokwonisa nokwonisana* yizipi na?

Izono ezil'i9 okutiwa ng'ezokwonisa nokwonisana yilezi: 1. ukululeka umuntu ekwoneni kwake, 2. ukuyala nokutuma umuntu ukuba 'one, 3. ukuvumela umuntu ukwona nokuvumelana ngako, 4. ukududa umuntu nokumyenga ukuba 'one, 5. ukubabaza umuntu ngokwona kwake, 6. ukuziba nokufihla ukwona kwomuntu, 7. ukungalungisi owonayo, 8. ukusebenzisana nomuntu ekwoneni, 9. ukuvuna nokulwela owonayo.

695. *Imisebenzi* e'si7 yokusiza umuntu *ngokwomzimba* okutiwa *eyomhau* yimipi na?

Imisebenzi e'si7 yokusiza umuntu ngokwomzimba okutiwa eyomhau yilé: 1. ukupa abalambileyo ukudhla, 2. ukupuzisa ab'omileyo, 3. ukwembatisa abahlong' ingubo, 4. ukwamukela abafokazi, 5. ukuhambela kwabagulayo, 6. ukuhambela ezibotshweni, 7. ukulahla abafileyo.

696. *Imisebenzi* e'si7 yokusiza umuntu *ngokwompefumulo* okutiwa *eyomhau* yimipi na?

Imisebenzi e'si7 yokusiza umuntu ngokwompefumulo okutiwa eyomhau yilé: 1. ukupendukisa ab'onayo, 2. ukufundisa abang'azi 'luto, 3. ukululeka abangabazayo, 4. ukutokozisa abahlupekile, 5. ukubekezelela abasihlupayo, 6. ukutetelela abas'onayo, 7. ukukulekela abasekona nasebafa.

697. *Izinhlanhla* ezi8 ng'ezokuti-ni na?

Izinhlanhla ezi8 ng'ezokuti:

1. Banenhlanhla abampofu ngokwenhliziyo, ngoba ng'owabo umbuso wezulu.

2. Banenhlanhla abamnene, ngoba bayakulidhl'ifa izwe.

*) Matth. 12,32.

3. Banenhlanhla abakalayo, ngoba bayakutokoziswa.

4. Banenhlanhla abalambele nab'omele ukulunga, ngoba bayakusutiswa.

5. Banenhlanhla abanomhau, ngoba bayakufumana umhau.

6. Banenhlanhla abamhlop' inhliziyo, ngoba bayakubona uNkulunkulu.

7. Banenhlanhla abatand' uxolo, ngoba bayakutiwa ng'abantwana baka'Nkulunkulu.

8. Banenhlanhla abahlutshwa ngenxa yokulunga, ngoba ng'owabo umbuso wezulu.[1])

IV.

Ukulunga okupeleleyo.

1.

Okwamakolwa onke noma ey'ini.

698. Ukulunga kwomuntu kuyapelela, uma 'enza njani na?

Ukulunga kwomuntu kuyapelela, uma es'etanda uNkulunkulu kunako konke, nokunye akutandayo ekutanda ngenxa yake.

Onjalo kasazitandi ngotando olungafanele, kasatandi nabantu nezinto ngokungeyiko.

699. Wonke umuntu okoliweyo unomteto yini wokuzamela ukuba abe nokulunga okupeleleyo na?

Yebo, wonke umuntu okoliweyo unomteto wokuzamela ukuba abe nokulunga okupeleleyo okumfanele yena njengayiko, ngoba kutsho uNkulunkulu.

Kutiwa "njengayiko", noma el'ikolwa nje, noma umpriste noma umbishopu noma os'endhleleni yobupriste; noma el'ikolwa elitshadileyo, kumbe elifelwe, kumbe elingakatshadi liyakutshada kodwa, kumbe elizihlalele,[2]) kumbe indela yas'esigodhlweni senKosi uNkulunkulu; noma eng'opeteyo noma opetweyo; noma ey'ini. UJesu wati: *Yibani abapeleleyo* (ukulunga kwenu) *njengoba noYihlo was'ezulwini eng'Opeleleyo!*[3]) *Wotanda inKosi uNkulunkulu wako ngenhliziyo yako yonke, nangompefumulo wako wonke, nangengqondo yako yonke, nangamandhla ako onke!*[4]) UPaulus oew. uti: *Engikukulekelayo, ng'ukuba*

[1]) Matth. 5,3-10.— [2]) eliy'incasa noma incasakazi belu.— [3]) Matth. 5,48.—[4]) Mark. 12,30.

utando lwenu lukule nokukula ekwazini nas'ekugondeni konke, yikona niyakuvivinya, nikete ongakuketwa kunokunye, ukuze nibe niewebile ningena'cala kuze kube l'usuku luka'Kristo, nigewele izitelo zokulunga ngoJesu 'Kristo, yikona kuyakudumiseka, kubabazeke uNkulunkulu.» [1])

700. Ukuze ukulunga kwetu kupelele, as'enze njani na?

Ukuze ukulunga kwetu kupelele, asilandele uJesu, sizame ukulungisa okwake.

Nangu eti: *Uma umuntu etand' ukungilandela, akazinqabele, afukule unqamlezo lwake, ab'es'engilandela.*» [2]) «*Ongatati unqamlezo lwake, ab'es'engilandela, akangifanele lowo.*» [3]) UJohannes ocw. uti: «*Ningatandi umhlaba nokus'emhlabeni lo. Umuntu, uma etanda umhlaba, ukumtanda uBaba akuko kuye; ngobapela konke okus'emhlabeni yiko ukunqwenela kwenyama, nokunqwenela kwamehlo, nokuzikukumeza ekuhambeni loku; ke, loku akuvele ku'Baba, kuvele emhlabeni.*» [4])

Amasu okupelelisa ukulunga ayakukulunywa esahlukweni III. sale'ncwadi.

2.

Okwezetulo zenKosi.

701. Amasu awodwa okufumana ukulunga okupeleleyo ng'amapi na?

Amasu awodwa okufumana ukulunga okupeleleyo kuy'izililuleko ezi3 okutiwa ezas'evangelini: 1. ukudela imfuyo ngokuziketela ubumpofu, 2. ukudela umzimba ngokuziketela ukuzihlalela,[5]) 3. ukudela intando ngokuziketela umteto wokuba pansi kwomkulu omisiweyo.

UJesu wati: «*La utanda ukuba nokulunga okupeleleyo, hamba, uyotengisa ngako konke onako, upe abampofu, yikona uyakuba nemfuyo el'igugu ezulwini; and'uba-ke uze ungilandele.*» [6]) Amanye amazwi ka'Jesu naka'Paulus apete le'ndaba afumaniseka ku'*number* 616.

702. Yibapi abanomteto wokulonda izililuleko lezi zas'evangelini na?

Abanomteto wokulonda izililuleko lezi zas'evangelini yibo bonke abazibope ngezitembiso eziy'ingcwele zokwenza njalo, noma behlala ebantwini, noma bey'izindela zas'ezigodhlweni zenKosi uNkulunkulu.

[1]) Fil. 1,9-11.—[2]) Matth. 16,24.—[3]) Matth. 10,38.—[4]) 1. Joh. 2, 15-16.—[5]) ngokuziketela ubuncasa pela kumbe ubuncasakazi.—[6]) Matth. 19,21.

1. Ikolwa elil'ikolwa nje, noma "lihlala ebantwini", lingazibopa ngesitembiso esiy'ingcw. sokulonda esinye kulezo 'ziluleko zas'evangelini. Abapriste nasebetole izikundhla ezitile zobupriste, noma "behlala ebantwini", banomteto wokulonda isiluleko sesibili.

2. Izindela zas'ezigodhlweni zenKosi uNkulunkulu zinomteto wokulonda lezo 'ziluleko zontatu,

(a) noma kung'ezesilisa, noma ezesifazana,

(b) noma zihlala *esigodhlweni esimnyama tsu*, njengamakosazana atile, lapo kunomteto wokuba os'eyindela yakona angabe esapuma kona nanini, nokuba kungangeni 'muntu wesilisa kona; noma zihlala *esigodhlweni esimnyama*, ngoba kwesabesilisa kungangeni 'muntu wesifazana, nakwesabesifazana kungangeni 'muntu wesilisa; noma zihlala *kwesiy'isigodhlo nje.*—Zinomteto lowo,

(c) noma izitembiso zabo eziy'ingcwele zi'luhlobo luni, ezenkati etize nje, ezapakade, eziy'izitembiso nje, eziy'izitembiso ezikulu;

(d) noma, ukuhlala kwazo ezigodhlweni lezo, zihlalele ukwenza-ni:—ukukonza uNkulunkulu ngokulunga nokutandaza nokuzisebenzela kodwa, noma nokusiza abantu ngomsebenzi otile eziwusebenzayo;

(e) noma zinomteto ka'Bani. Nazi izinhlobo ezitile zezindela: Abanomteto ka'Basilius ocw.[1]) Abanoka'Bénedikt ocw.; ba'nhlobonhlobo.[2]) Abanoka'Bruno ocw.[3]) Abanowas'eKarmel.[4]) Abanoka-'Augustin ocw.[5]) Abanoka'Norbert ocw.[6]) Abanoka'Dominik ocw.[7]) Abanoka'Franz ocw. was'eAssisi; ba'nhlobonhlobo.[8]) Abanoka'Ignatsius ocw. was'eLoyola.[9]) Abanoka'Johannes ocw. okutiwa oka'Nkulunkulu.[10]) Abanoka'Alfons ocw. wakwa'Liguori.[11]) Abanoka'Vinsent ocw. Depaul; ba'nhlobonhlobo,[12]) nabanoka'Bani noka'Bani.

[1]) NgesiNgisi kutiwa: *Basilians.*—[2]) *Benedictines, Cistercians, Camaldulenses etc.*—[3]) *Carthusians*—[4]) *Carmelites*—[5]) *Augustinians*—[6]) *Premonstratenses*—[7]) *Dominicans*—[8]) *Franciscans, Capucines etc.*—[9]) *Jesuits*—[10]) *Brothers of Charity*—[11]) *Redemptorists*—[12]) *Lazarists, Sisters of Charity etc.*



Isahluko sesitatu

sipete

iXotsho eliy'ingcwele namasu okuxotshiswa.

Naku ukupatwa kwaleli'zwi kwa'Zulu.	Naku ukupatwa kwalo eBandhleni.
InKosi yomuntu iyaxotshisa. Umuntu onge'nkosi uyapa.	
Y'inkosi yomuntu *yona yodwa* exotshisa umuntu wayo *into yokwomhlaba.*	Y'inkosi yamakosi (uNkulunkulu, *yona yodwa* exotshisa umuntu wayo *into edhlula okwomhlaba.*
Umuntu *oxotshile* into yokwomhlaba enkosini yomuntu, *uy'isixotshi.*	Umuntu *oxotshile* into edhlula okwomhlaba enKosini yamakosi (uNkulunkulu), *uy'isixotshi.*
Into yokwomhlaba, umuntu ayixotshile enkosini yomuntu, *l'ixotsho.*	*Into edhlula okwomhlaba,* umuntu ayixotshile enKosini yamakosi (uNkulunkulu), *l'ixotsho.*
Inkosi yomuntu, ingena'mteto wokuxotshisa 'muntu 'luto loku iy'inkosi, *isuswa eyayo intando nowayo umusa,* la isuka ixotshisa umuntu into.	InKosi yamakosi (uNkulunkulu), ingena'mteto wokuxotshisa 'muntu 'luto edhlula okwomhlaba, loku iy'inKosi yamakosi, *isuswa eyayo intando nowayo umusa,* la isuka ixotshisa umuntu into enjalo.
Inkosi yomuntu, ukuxotshisa kwayo, itata *into yayo,* imxotshise yona umuntu.	InKosi yamakosi (uNkulunkulu), ukuxotshisa kwayo, itata *into yayo e'luhlobo lwobuNkulunkulu,* imxotshise yona umuntu.

Inkosi yomuntu la isuka inika umuntu wayo *into emfanele kakade, loku eumuntu wayo* (njengesiza namasimu nani), *aku'xotsho lelo.*

InKosi yamakosi (uNkulunkulu), la isuka inika umuntu wayo *into emfanele kakade, loku eumuntu wayo, ey'isidalwa sayo* (njengomzimba namandhla awo, nompefumulo namandhla awo, nako konke okwobuntu nokwomhlaba), *aku'xotsho lelo.*

I.

Ixotsho eliy'ingewele.

Sekukuningi nje sakuluma ngalo ixotsho leli;[1]) lapa-ke sesizaukuluma indaba yalo ipelele.

703. Ukudalwa kwake, umuntu udalelwe-ni na?

Ukudalwa kwake, umuntu udalelwe ukufika ezulwini nokuhlala kona.

1. Yiko loko esaqala ngako kule'ncwadi, sati, sibekelwe lapa emhlabeni ukwazi uNkulunkulu . . ., *yikona siyauze sifike kuye ezulwini.* Ngayo yonke inCwadi ey'ingew. nangako konke as'ambulele kona uNkulunkulu siy'azi ukuti kunjalo.

2. UNkulunkulu, loku enentando yokuzitandela, enamandhla belu okuz'enzela, kus'obala ukuti waengena'mteto wokuba, at'emdala umuntu, amdalele ukufika ezulwini, inganti waengamdalela ukufumana inhlanhla epeleleyo yalapa emhlabeni kube kupela. Kwaya *nyomusa wake ongakauki 'ndawo wona wodwa* ukuba wamdalela ukufumana inhlanhla edhlula konke okwomhlaba nokwobuntu. *Uy'ini nje umuntu ukuba* (wena 'nKosi) *usuke umkumbule na? uy'ini nje umntwana womuntu ukuba usuke uye'kumbona na?*» [2])

704. Ezulwini kukwa'Bani na?

Ezulwini kukwa'Nkulunkulu.

705. Umuntu angazifikela yini kwa'Nkulunkulu na?

Qabo, umuntu angeke azifikele kwa'Nkulunkulu, loku umuntu eng'umuntu, uNkulunkulu eng'uNkulunkulu.

[1]) *Numbers* 80, 87, 88, 91, 165, 177, 198, 201-203, 205, 207, 211, 222, 238-240, 254-255, 277, 306-308, 337-338, 342, 360, 387, 582, 688.—[2]) Heb. 2,6. Hlab. 8,5.

1. *Itshe l'itshe,* kalilingani nesilimo.

Amabele ng'amabele, y'into emilayo, y'into-ke edhlula itshe. Kodwa amabele ay'isilimo nje, kawalingani nesilwane.

Inkomo y'inkomo, y'into engamili pansi nje, iyahamba yona, y'into edhlula-ke isilimo. Kodwa y'isilwane njena, kasilingani nomuntu.

Umuntu ng'umuntu, y'into enompefumulo, enengqondo, enentando, ng'umzimeli; y'into-ke edhlula kakulu isilwane. Kodwa umuntu akalingani nengelosi.

Ingelosi y'ingelosi, y'into eumoya wodwa, y'into edhlula-ke kakulu umuntu. Kodwa nayo ingelosi iy'into edaliweyo njena.

UNkulunkulu ng'uNkulunkulu, uyedwa Yena kuzo zonke ezinye izinto, noma zinjengetshe, noma amabele, noma inkomo, noma umuntu, noma ingelosi. Uyedwa ngani na? Ngoba *ung' Ong'enziwanga,* eyiloku ekona nje, inganti konke okunye, noma yikupi, kuy'*into ey'enziwe* uye. Ng'uye ong'*umDali,* konke okunye kuy'*izidalwa nje.*

2. E! *Itshe* lingeke lizipakamise, liziguqule libe y'isilimo; lingeke *lizifunele, lizizuzele* umteto nemfanelo yamabele.

Amabele angeke azipakamise, azipendule, apenduke isilwane; angeke *azifunele, azizuzele* umteto nemfanelo yenkomo.

Inkomo ingeke izipakamise, iziguqule, iguquke umuntu; ingeke *izifunele, izizuzele* umteto nemfanelo yomuntu.

Umuntu angeke azipakamise, azipendule, apenduke ingelosi; angeke *azifunele, azizuzele* umteto nemfanelo yengelosi.

Ingelosi ingeke izipakamise, iziguqule, iguquke enye into edaliweyo enkulu kunengelosi, kumbe iguquke uNkulunkulu, ibe into engadaliwe belu. Nanso ingelosi leyo, eng'usatana kaloku, ibange kona loku; kanti iy'ini, inganti is'ing'usatana ngakona loku. E! Nengelosi ingeke *izifunele, izizuzele* umteto nemfanelo ka'Nkulunkulu.

Akuko 'luto oludaliweyo olukwazi ukuzikipa emtetweni walo, olukwaz' ukuzifukula, ukuzipakamisa, ukuziguqula, luze lube nomteto nemfanelo yenye into *edaliweyo* eludhlulayo. Po-ke, uto oludaliweyo, noma yilupi, lungazikipa yini emtetweni wokuti: luy'into edaliweyo, na? luzifukule, luzipakamise, luziguqule, luze luzizuzele umteto nemfanelo *yento engadaliwe* yini na? Isidalwa sibe nomteto nemfanelo yomDali waso yini na? Singeke!

3. Ke, onomteto nemfanelo yokuhlala kwa'Nkulunkulu, uye uNkulunkulu yedwa zwi.

706. Njengaloko umuntu edalelwe ukufika kwa'Nkulunkulu nokuhlala kona, engezifikele kodwa, kusweleke-ni na?

Njengaloko umuntu edalelwe ukufika kwa'Nkulunkulu nokuhlala kona, engezifikele kodwa, kuswelekile ukuba uNkulunkulu ampakamise pezu kwobuntu bwake, amxotshise into e'luhlobo lwobuNkulunkulu.

Ukuba *itshe* lilingane nganxanye nesilimo, bekusweleka ukuba litshaleke, limile ensimini.—Ukuba *amabele* alingane nganxanye nesilwane, bekusweleka ukuba akwazi ukuhamba nokuzizwela nokuzibonela.—Ukuba *inkomo* ilingane nganxanye nomuntu, bekusweleka ukuba ibe nengqondo nentando enjengeyomuntu.—Ukuba *umuntu* alingane nganxanye nengelosi, bekusweleka ukuba umpefumulo wake ukwaz' ukuzihlalela, ungasena'mteto wokuhlangana nomzimba.—Kanjalo-ke itshe beliswela into yobulimo; amabele ab'eswela into yobulwane; inkomo ib'iswela into yobuntu; umuntu ub'eswela into yobungelosi.

E! Into-ke *edaliweyo*, ukuba ilingane nganxanye nento *engadaliwe*, ilingane nganxanye noNkulunkulu belu, iyaswela into yobuNkulunkulu, into eyipakamisa pezu kwomteto wokudalwa kwayo. E! Umuntu, ukuba alingane nganxanye noNkulunkulu, uswela into yobuNkulunkulu.

707. Leyo'nto yobuNkulunkulu, kutiwa, iy'ini na?

Leyo'nto yobuNkulunkulu, kutiwa, il'ixotsho eliy'ingcwele.

708. Ixotsho eliy'ingcwele li'nhlobo 'ngaki na?

Ixotsho eliy'ingcwele li'nhlobo'mbili: elicwebisayo, nelisizayo.

I.

Ixotsho elicwebisayo.

709. Ixotsho elicwebisayo liy'ini na?

Ixotsho elicwebisayo liy'into e'luhlobo lwobuNkulunkulu, umuntu atoliswa ngayo ukupila okudhlula anako ngokudalwa kwake.

«Zikulukazi kakulukazi, futi zidhlula yonke into el'igugu izitembiso, uNkulunkulu anitembise zona ngaye (uJesu 'Kristo), *'enzel' ukuba ngazo nixotshiswe okwobuNkulunkulu.* *)

Po-ke umuntu onexotsho leli kasesiye umuntu yini na? us'eng'uNkulunkulu yini na? Qa, useng'umuntu; kodwa at'eseng'umuntu kambe, us'enento emfanisa noNkulunkulu, loku iyiyo into e'luhlobo luka'Nkulunkulu. *Tina esis'etenteni leli* (umzimba wetu), *siyalingoza siltwesiwe, ngokuba singatandi ukukunyulwa* (umzimba lo, loku sing'abantu), *kanti sitanda ukwembesiwa ingu-*

*) 2. Pet. 1,4.

bo (ixotsho) *pezu kwesesinayo, ukuze okukwaz' ukufa kudhliwe ng'ukupila* (okudhlula ubuntu).»[1])

710. Ukupila okudhlula esinako ngokudalwa kwetu, sikutola ngani na?

Ukupila okudhlula esinako ngokudalwa kwetu, siyakutola ngokuzalwa kwesibili, sizalwa ng'uNkulunkulu, sibe ngempela abantwana bake.

1. Kuy'ezwakala belu ukuti, ukuzalwa kwetu *kwokuqala*, siyazalwa abazali betu abang'abantu, ukuzalwa kwetu *kwesibili*, siyazalwa ng'uNkulunkulu. «*UJesu wati kuye* (uNikodemus): "*Ngiqinisile, ngiqinisile ngiti kuwe: Uma umuntu engabuyanga wazalwa ezalwa 'butsha, kana'kuwubona umbuso ka'Nkulunkulu.*" *Waes'eti uNikodemus: "Umuntu angazalwa kanjani emdala na? Angahle abuyele konje esiswini sika'nina yini, abuye azalwe na?" UJesu wapendula wati: "Ngiqinisile, ngiqinisile ngiti kuwe: Uma umuntu engabuyanga wazalwa ngamanzi nangoMoya ocw., angengene embusweni ka'Nkulunkulu. Okuzelwe ngokwenyama, y'inyama; okuzelwe ngokwomoya, ng'umoya. Ungamangali ngokuba ngite kuwe, kuswelekile ukuba nizalwe 'butsha! Umoya upepeta la utanda kona; ung'ezwa-ke kambe izwi lawo; kepa ukwazi la uvela kona nalapo uya kona, aukwazi; unjalo-ke wonke umuntu ozelwe ngokwomoya.*" *UNikodemus wapendula wati kuye: "Loku kung'enzeka kanjani nje na?" Lapo-ke uJesu wapendula wati kuye: "Wena ang'uye umfundisi ka'Israel, kanti aukwazi loku na? Ngiqinisile, ngiqinisile ngiti kuwe: Sikuluma esikwaziyo, sifakaza esikubonileyo, ke, ukufakaza kwetu kanikuvumi".*»[2]) UJohannes ocw. uti: *Bekanini, kul'utando olungakanani bo, uYise* (ka-'Jesu) *asixotshise lona, ukuze kutiwe sing'abantwana baka'Nkulunkulu, futi sibe yibona!*»[3]) UJakob ocw. uti: «*Sonke isipo esihle hle, nalo lonke ixotsho elipeleleyo livela pezulu l'ehla lipuma ku'Yise wokukanya . . . ngentando yake wasizala ngezwi lesiminya, kona singa siy'inggalabuto yokudaliwe uye.*»[4]) UPetrus ocw. uti: «*Nabuya nazalwa, ai ngembeu enokububa, qa, nazalwa ngembeu engena'kububa, ngezwi lika'Nkulunkulu pela, Yena opilayo ohleze ehlezi nanini. . . . Ke, izwi lenKosi limi kuze kube pakade; yilona leli'zwi-ke enashunyayezwa lona, lil'ivangeli* (umbiko wokuhle).»[5]) UJohannes ocw. uti futi: «*Bonke abamamukele* (uJesu ngokolo), *ubaxotshisile amandhla okuba babe abantwana baka'Nkulunkulu, labo belu abakolwa*

[1]) 2. Kor. 5,4.—[2]) Joh. 3,3-11.—[3]) 1. Joh. 3,1.—[4]) Jak. 1,17-18.—[5]) 1. Pet. 1,23.25.

egameni lake, kunge abazalwa ngokwegazi, kumbe ngokwentando yenyama, kumbe ngentando yendoda, qa, yilabo pela abazalwa ng'uNkulunkulu.» [1])

2. Ngawo onke lawa kuy'ezwakala ukuti kuyiko ukuzalwa ng'uNkulunkulu. Ke, ukuba umuntu ezalwa abazali bake abang'abantu, angiti ngako ukuzalwa loku utoliswa yibo okumfanisa nabo, abe umuntu pela njengabo. Po-ke, la tin' abantu sizalwa uNkulunkulu, sesing'aoNkulunkulu yini na? Qa-ke, siseyibo abantu. Munye nje zwi umNtwana ka'Nkulunkulu ot'ezelwe ng'uye abe uNkulunkulu uqobo njengoYise, ngokuba etoliswe ubuNkulunkulu bwona lobo obuka'Yise. Aike, umntwana ka'Nkulunkulu ozelwe kanjalo yiyo inDodana eyodwa ka'Nkulunkulu (*number* 44).

3. Po-ke, tina kasizalwa ngempela ng'uNkulunkulu na? Ng'amanga yini, kuyalinganiswa nje yini, la kutiwa, sing'abantwana baka'Nkulunkulu, na? Qabo, aku'manga, akulinganiswa nje; y'into ekona. Pela, ukuzalwa kwetu uNkulunkulu, akwenzeki kambe ukuba sitoliswe bwona ubuNkulunkulu uqobo lwabo njengayo inDodana ka'Nkulunkulu, loku kung'enzeke ukuba into edaliweyo iguquke into engadaliwe. Kodwa, ukuzalwa kwetu uNkulunkulu, sitoliswa noko into yobuNkulunkulu esifuzisa ngempela uNkulunkulu uqobo, sibe 'luhlobo luka'Nkulunkulu. Kungako-ke uMoya ocw. uti ngomlomo ka'Paulus ocw.: «*Labo owaeb'azi kudala, ubanqumele kudala futi ukuba bafuziswe umfanekiso wenDodana yake, yikona iyakuba izibulo pakati kwabafo wabo abaningi.*» [2]) Uti futi: «*Ocwebisayo* (inDodana ka'Nkulunkulu) *nabacwetshiswayo, munye* (uYise) *abavele kuye bonke. Ngako-ke akajabi uJesu ngokubabiza ngokuti ng' "abafo wetu".*» [3]) Nembala, wat'es'evukile kwabafileyo, «*uJesu wati kuye* (uMaria uMagdalena)*: . . . hamba-ke uye kw'bafo wetu, uti kubo: Ngiy'emuka ngiya k'ong'uBaba noYihlo, k'ong'uNkulunkulu wami noNkulunkulu wenu.*» [4])

Kuy'ezwakala-ke ukuti, ukuzalwa kwenDodana ka'Nkulunkulu kukodwa, ngoba *izelwe ngokwoqobo lwobuNkulunkulu,* nokuzalwa kwetu tin' abantu ng'uNkulunkulu kukodwa, ngoba ukuzalwa kwetu ng'uye, *sixotshiswa into yobuNkulunkulu.* Kanti noko kokubili kuyiko ukuzalwa ng'uNkulunkulu, "munye uYise, bonke abavele kuye", baze babe aba'ndhlini'nye nezibulo.

Lapa singakomba-ke ukuti, seloku siy'izixotshi zika'Nkulunkulu, sing'*abakwake endhlini.* Ke, siyibo, uJesu ung'umfo wetu

[1]) Joh. 1,12-13.—[2]) Rom. 8,29.—[3]) Heb. 2,11.—[4]) Joh. 20,17.

omkulu. Eng'uye, kuyabonakala ukuti uNina, uMaria, ung'uMame, eng'"uNina wexotsho eli'luhlobo lwobuNkulunkulu", njengoba sitsho elitanini lake, eng'uye belu ngokuba eng'uNina ka'Jesu.

4. Ukuzalwa kwetu ng'uNkulunkulu ngokuba sixotshiswa into yobuNkulunkulu, kutiwa futi, ng'"*ukutolwa*" *ng'uNkulunkulu.* «*Kwat'uba kufike ukupelela kwesikati, uNkulunkulu watuma inDodana yake, yazalwa owesifazana yazalelwa pansi kwomteto, ukuze ihlenge ababepansi kwomteto, ukuba sifumane ukutolwa sibe abantwana. Kepa, seloku ning abantwana, uNkulunkulu watuma uMoya wenDodana yake ewutumela ênhliziyweni zenu, umemeza uti: Abba, 'Baba!*»[1]) «*Ngoba bonke abaqutshwa ngoMoya ka'Nkulunkulu, yibo abang'abantwana baka'Nkulunkulu. Ngobapela anibuyanga natola umoya wobugqila ukuze n'esabe, qa, nitole umoya wobuntwana, esimenyeziswa yiwo, siti: Abba* ('Baba). *Ngoba wona uMoya ufakazela umoya wetu ukuti sing'abantwana baka'Nkulunkulu.*»[2])

5. E! La umuntu eseng'umuntu njena, uy'into efuyiwe nje ng'umEnzi wayo, ng'umNiniyo; uy'isigqila belu. Ke, nesigqila singatsho nje kambe, siti "'baba!" ku'mnumzana, ku'mniniso, sitsho kodwa ngokulinganisa njena. Kunjalo nalapa: sit'uma sisey'izigqila nje, singati "'Baba!" ku'mEnzi wetu, ku'mNinitina, sitsho ngokulinganisa nje kodwa. Kanti sit'uba sixotshiswe ixotsho elicwebisayo, sesiyatsho into ekona ngempela, la siti: "'*Baba wetu* os'ezulwini", loku sitoliwe, e! singatoliwe njena, sizelwe ng'uye.

711. Siti-ke sesing'abantwana baka'Nkulunkulu, siy'ini futi na?

Siti sesing'abantwana baka'Nkulunkulu, siy'indhlalifa zake futi, sidhle ifa lakwake, elas'ezulwini.

1. Naku kutiwa: «*Akabongwe uNkulunkulu, ong'uYise futi wenKosi yetu uJesu 'Kristo, ote njengomhau wake omkulu wasizala okwesibili esizalela ukutemba ukupila* (kwapakade) *ngokuvuka kuka'Jesu 'Kristo kwabafileyo, esizalela ukudhla ifa elingena'kububa, elingena'sici, elingena'kubuna, enikwezelwe lona ezulwini, nina enilondwa amandhla ka'Nkulunkulu ngokolo, nilondelwa ukusinda okumelwe ukuhlaluka esikatini sokugcina. Ngaso-ke niyakwesasa, noma manje kusaswelekile ukuba nihlupeke isikatshana ngokulingwa oku'nhlobonhlobo, yikona ukuvivinywa kwokolo lwenu, okunenana elikulu kunegolide (elivivinywa ngomlilo) kuyakufunyaniswa kubabazeka, kudumiseka, kwaziseka, mhla kuhlaluka uJesu 'Kristo.*[3]) *Uma sing'a-*

[1]) Gal. 4,4-6.—[2]) Rom. 8,14-16.—[3]) 1. Pet. 1,3-7.

bantwana, siy'izindhlalifa futi: sidhla belu ifa lika'Nkulunkulu, silidhla kanye noKristo.«[1]) Ixotsho eliewebisayo «*liyiyo imfihlo ka'Kristo, eyona ngênye inkati abantwana babantu babeng'aziswanga yona njengaloku manje abApostole nabaprofete bake abaewebileyo b'ambuletwa yona ng'uMoya: ukuti pela izizwe zidhla ifa* (lika'Nkulunkulu) *kanye noKristo, ukuti zi'mzimba munye naye, ukuti nazo zitoliswa okutenjwe uye, kwenziwa belu ng'uKristo uJesu ngevangeli* (umbiko wokuhle).»[2])

Aike, ukuba siy'izindhlalifa zakwake uNkulunkulu ngokuba sinalo ixotsho eliewebisayo, kuya ngako ukuba kutiwe, ling' "*amandhla okufika ezulwini*", kutiwe, futi, lil' "*ipasi lokuya ezulwini*", umuntu, at'enalo mhla efika kwelipambili, bamngenise kwa'Nkulunkulu; uma engenalo, bambope etilongweni lake, esihogweni.

2. Akufundwe okuku'*number* 198.—Kuyabonakala ukuti ixotsho eliewebisayo, njengoba liy'into e'luhlobo lwobuNkulunkulu, liyamfukula umuntu, limpakamise, *aze alingane nganxanye noNkulunkulu.* Uma bekungenjalo, bekungayikwenzeka ukuba umuntu ambone uNkulunkulu ubuso ngobuso, njengoba nayipi into edaliweyo, noma kuy'ingelosi, ingezikipe emtetweni wokudalwa kwayo, izifunele, izizuzele umteto nemfanelo ka'Nkulunkulu.

UPaulus ocw. uti: «*Tina sonke, uma amehlo etu es'ambuliwe nobukosi bwenKosi sobubonakala kitina njengas'esibukweni, siyaguqulwa sibe inswebu yayo epeleleyo, ukukanya kuveze ukukanya, kungati siguqulwa yiwo uMoya wenKosi belu.*»[3])

Nank' amazwi, inDodana ka'Nkulunkulu eyaikulekela ngawo abantu bayo emkulekweni wayo wokugcina, is'izaubabongela onqamlezweni, yati: «*Kepa akubona bodwa* (ababenaye ngalelo 'langa) *engibakulekelayo, qa, ngikulekela nabayakukolwa kimi ngezwi labo, ukuze bonke babe 'nto'nye, njengaloku nawe, 'Baba, upakati kimi nami ngipakati kuwe, yikona nabo beyakuba 'nto-'nye nati, umhlaba ukolwe-ke ukuti ng'uwe ongitumile. Mina-ke, ubukosi onginike bwona, ngibaxotshise bwona, ukuze babe 'nto-'nye, njengoba nati si'kunye. Mina angibe pakati kubona, wenake ube pakati kimina, ukuze ukupelela kwabo, bapelelise into ibe 'nye, yikona umhlaba uyakuqonda ukuti ng'uwe ongitumile, nokuti ng'uwe obatandile njengoba ungitandile mina futi. 'Baba, onginike bona, ngiyatanda ukuba, la ngikona mina, nabo babe kona lapo kanye nami, bazobona ubukosi bwami onginike bwona, ngoba ungitandile, umhlaba ungakadatshulwa. 'Baba ohleze ufuna okuyiko, umhlaba kaukuqondile; kepa mina ngi-*

[1]) Rom. 8,17.—[2]) Ef. 3,4-6.—[3]) 2. Kor. 3,18.

kuqondile, nalaba-ke baqondile ukuti ng'uwe ongitumile. Minake ngab'azisa igama lako, napambili ngiyakwazisa lona, yikona utando ongitande ngalo, luyakuba kubona, nami-ke ngibe kubona! [1])

712. Ixotsho elicwebisayo liw'enza-ni umpefumulo womuntu na?

Ixotsho elicwebisayo liw'enza muhle inqaba umpefumulo womuntu.

Kwenziwa y'ini na? Kwenziwa ngokuba nanti liy'into e'luhlobo luka'Nkulunkulu uqobo, es'iguqule umpefumulo womuntu uze ufane nganxanye noNkulunkulu. Pela, into ekona, ubuhle bwompefumulo onjalo bu'luhlobo 'lunye nobuhle buka'Nkulunkulu uqobo. E! Ubukosi nobuhle bwompefumulo onjalo yibona lobo obwas'ezulwini, okutiwa: *Akuko'so elake lakubona, akuko' ndhlebe eyake yakuzwa, akuko 'nhliziyo eyake yangenwa yiloko, uNkulunkulu abalungisele kona abamtandayo.* [2]) (UNkulunkulu) *unamandhla okwenza kitina nayip' into, idhlule kakulu kakulu ebesite singayicela kumbe siyicabange nje.* [3])

Ukulinganisa, singati, nans' insimbi, yona ngokwayo imnyama nje, iyabanda, ilukuni, aibukeki; kepa la is'ifakiwe emlilweni, nakuba iseyiyona leyo 'nsimbi, is'iyakanya kuhle kwomlilo, is'iyatshisa, is'iyagobeka, e! is'iyancibilika, songati is'iyiwona umlilo uqobo, kanti isey'insimbi noko; e! is'iyabukeka kuhle kwomlilo. Injalo-ke indaba yompefumulo womuntu os'unexotsho elicwebisayo, unento yobuNkulunkulu pela.

Enye into esingalinganisa ngayo, nansi! Kutiwa: »*UNkulunkulu uyiko ukukanya, ubumnyama kabuko kuye.*« [4]) Ngako-ke nexotsho eliewebisayo, seloku li'luhlobo luka'Nkulunkulu, ling'ukukanya okuvela ku'Nkulunkulu ong'ukukanya, kukanyise imipefumulo yetu, ikanye-ke yona njengokukanya kwobuNkulunkulu, *siguquke sibe inswebu yayo* (inKosi) *epeleleyo, ukukanya kweze ukukanya, kungati siguqulwa yiwo uMoya wenKosi belu.*« [5]) E! Ukuba uNkulunkulu eng'»*uYise wokukanya, okuvela kuye sonk' isipo esihle hle, nalo lonk' ixotsho elipeleleyo*« [6]), kuyabonakala ukuti tina *sing'abantwana bokukanya.* Kungako-ke kutiwa: *Nake naba ubumnyama, kaloku sening'ukukanya nikanyiswa y'inKosi* [7]); kutiwa futi: *Nil'uhlobo oluketiweyo, . . . ukuze nibike amandhla onibizile wati, pumani ebumnyameni, nize ekukanyeni kwake okumangalisayo.*« [8])

[1]) Joh. 17,20-26.— [2]) 1. Kor. 2,9.— [3]) Ef. 3,20.— [4]) 1. Joh. 1,5.— [5]) 2. Kor. 3,18.— [6]) Jak. 1,17.— [7]) Ef. 5,8.— [8]) 1. Pet. 2,9.

713. Ixotsho elicwebisayo limenza-ni futi umuntu na?

Ixotsho elicwebisayo liyamenza umuntu itempele, indhlu belu ka'Nkulunkulu.

»*Kan'azi yini ukuti nil'itempele lika'Nkulunkulu* (indhlu yesonto belu) *nokuti uMoya ka'Nkulunkulu wakile kinina pakati na?*«[1]) *Kan'azi yini konje ukuti izito zenu zilitempele loMoya ocw. ohlezi pakati kinina, eniw'amukele ku'Nkulunkulu na?*«[2]) »*Utando luka'Nkulunkulu luteliwe ênhliziyweni zetu ng'uMoya ocw. esiwuxotshisiwe.*«[3])

1. Kodwa akuwona uMoya ocw. wodwa ohlezi k'onexotsho elicwebisayo, lokupela la kukona uMoya ka'Nkulunkulu, kukona lapo wonke uNkulunkulu. Nang' uJesu etsho, eti: »*Umuntu, uma engitanda, uyakulonda izwi lami, uBaba-ke amtande, besesifika-ke kuye, s'ake kuye pakati.*«[4])

E! Njengaloko itempele las'eJerusalem laliy'indhlu ka'Nkulunkulu, ngoba wahlala kona ngesimo sefu, nanjengoba amasonto akwiti ey'izindhlu zika'Nkulunkulu, ngoba ehlezi kona ngesimo sesinkwa eSakramenteni las'elatini, kanjalo umuntu onexotsho elicwebisayo uy'indhlu ka'Nkulunkulu, ngoba ehlezi kuye pakati, ehlaliswa kona yilo ixotsho lelo.

2. Angati-ke uBani, po, angiti uNkulunkulu, es'êndaweni zonke, us'empefumulweni nas'emzimbeni wayilowo nalowo 'muntu, noma enalo ixotsho lelo noma engenalo, na? E! Ukona kakade. Kanti nans' into: uNkulunkulu, nakuba kung'uye ohlezi lapa emhlabeni, ohlezi nas'ezulwini, indhlela yokuhlala kwake lapa emhlabeni kaifani neyokwas'ezulwini, loku lapa etukuse ubukosi bwake, ebuhlalukisa lé. Nans' enye into: *inDodana yake,* uNkulunkulu ukuyo ngalo lwonke uqobo lwake; *izinto ezidaliweyo,* ukuzo njengomEnzi nesAnda sazo; *umuntu onexotsho eliewebisayo,* uNkulunkulu ukuye ngento e'luhlobo lwobuNkulunkulu bwake. Iyodwa-ke indhlela yokuhlala kwake ku'muntu onexotsho eliewebisayo: nganxanye ifana neyokuhlala kwake enDodaneni yake, nganxanye iyona leyo esiyakuhlalisana ngayo naye, mhlazana singena kwake, ezulwini.

3. Aike, yiwona uMoya ocw. osipilisa ngokupila okutiwa kudhlula esinako ngokudalwa kwetu nje. Yiko akukombayo uPaulus ocw. eti: *Zivuseleleni 'butsha emoyeni wenqondo yenu, n'embate umuntu omutsha, odalelwe ukufuza uNkulunkulu, edalelwe ukulunga nobungcwele bwesiminya.*«[5])

4. Kuyabonakala ukuti akuwona umpefumulo wodwa nje oy'indhlu ka'Nkulunkulu, ng'umuntu wonke, umpefumulo **nomzi-**

[1]) 1. Kor. 3,16. — [2]) 1. Kor. 6,19. — [3]) Rom. 5,5. — [4]) Joh. 14,23. — [5]) Ef. 4,23-24.

mba. Naku kutiwa: «*Izito zenu zil'itempele loMoya ocw. ohlezi pakati kinina.*»[1]) Kungako-ke umuntu onjalo uyazihlonipa, uhlonipa owake umzimba nowomunye umuntu. «*Kepa uma umuntu 'ona itempele lika'Nkulunkulu, uNkulunkulu uyakumbubisa lowo; ngobapela itempele lika'Nkulunkulu liy'ingcwele, nina-ke niyilo.*»[2])

Ukuba nomzimba wetu ul'itempele lika'Nkulunkulu, yiko okusitembisa ngempela ukuti nawo umelwe ukutoliswa ubukosi bwas'ezulwini. «*Uma-ke uMoya wowavusa uJesu kwabafileyo uhlezi pakati kinina, lowo owamvusa uJesu kwabafileyo uyakupilisa nemizimba yenu efayo, ngenxa yoMoya ohlezi pakati kinina.*»[3])

714. La uMoya ka'Nkulunkulu us'ufika uzokwaka empefumulweni, ufika wodwa nje yini na?

Qabo, uMoya ka'Nkulunkulu, la us'ufika uzokwaka empefumulweni, aufiki wodwa, ufika nemfuyo yawo.

Ufika nako konke okulungele ukupila kwetu okudhlula ubuntu:

1. Ufika nezilungo lezo okutiwa "zidhlula ubuntu", kutiwa "sizixotshiswa ng'uNkulunkulu": ukukolwa, ukutemba, ukutanda.

2. Ufika namaxotsho awo a'si7 (*number* 239).

3. Ufika nawo onke amandhla okulungiswa nokulunga (*number* 342).

715. Ixotsho elicwebisayo libizelwa-ni nangokuti l'ixotsho *elilungisayo* na?

Ixotsho elicwebisayo libizwa nangokuti l'ixotsho *elilungisayo*, ngoba yilo elisusa isono kitina, loku into yobuNkulunkulu ingehlale ndawonye nento epambene nyá nayo.

«*Ngobapela ukulunga kuna'nto-ni yokungalungi na? nokuba ndawonye kwokukanya nobumnyama kupi na? nokuvumelana kuka'Kristo noBelial* (usatana) *kupi na?*»[4])

Ukulungiswa kwomuntu, kufuneka okutatu. Kufuneka,

1. ukuba kususwe izono, zipele, ngoba, la umuntu enesono sakuqala noma enezono ezibubisayo az'enzele zona, akuko kuye ukupila loko okudhlula ubuntu. Ke, ukuti izono ziyasuswa ngempela, la umuntu es'exotshiswa ukupila kwohlobo lwobuNkulunkulu, kuy'ezwakala ngenCwadi ey'ingew. Nang'uJohannes umBapatizi ekomba uJesu, eti: *Nans' imVana ka'Nkulunkulu, esusa izono zomhlaba!*»[5]) Naku kutiwa futi: *Zisoleni, nipe-*

[1]) 1. Kor. 6,19.—[2]) 1. Kor. 3,17.—[3]) Rom. 8,11.—[4]) 2. Kor. 6,14-15.—[5]) Joh. 1,29.

nduke, yikona izono zenu ziyakusulwa. [1]) «*Nihlanziwe, nicwetshisiwe, nilungisiwe ngegama lenKosi yetu uJesu 'Kristo, nangoMoya ka'Nkulunkulu wetu.*» [2]) «*UKristo ulitandile iBandhla, uzidele ngenxa yalo, ukuze alicwebise, elihlanza ngokuligeza ngamanzi ngezwi elipilisayo, yikona ezauzibonakalisela iBandhla lilihle hle, lingena'sitshitshi na'mbimbi nayip' into enjé libe licwebile, lingasoleki.*» [3]) Kufuneka,

2. ukuba kuyekelwe inhlaulo okutiwa "eyapakade", eyas'esihogweni pela (*numbers* 165-176). Ukuti siyayiyekelwa ngempela la sitetelelwa izono, kuy'ezwakala ngawo onke lawo 'mazwi enCwadi ey'ingcw. akuluma ngokuti, umuntu os'ependuke ekwoneni uzauba "nokupila kwapakade", "kayikufa", "kayikutshona lapo kukona ukufa kwapakade". Nank' uMoya ocw. uti ngomlomo womprofete uEzekiel: «*Isono sowonileyo kasiyikumona mhla ependuka ekwoneni kwake noma kungalup' usuku.*» [4]) Uti futi ngoka'Paulus ocw.: *Manje akuko 'kujeza kwabaku-'Kristo uJesu.*» [5]) – Pezu kwako kokubili loku kufuneka,

3. ukuba umuntu acwetshiswe, axotshiswe belu ukupila oku'luhlobo lwobuNkulunkulu esikulume ngako. «*Njengokwomhau wake waesisindisa ngombapatizo wokuzalwa kwesibili nokubuyiselwa ukulunga ng'uMoya ocw. owawutela wawuti ncimitshi kitina ngoJesu 'Kristo, umSindisi wetu, kona koti, sesilungisiwe ngexotsho lake, sibe y'izindhlalifa, njengoba sitemba ukuti sotola ukupila kwapakade.*» [6])

Njengoba sokw'ezwakala ku'*number* 371 nakwezinye izindawana, kukona emaProtestanteni ati, umuntu katetelelwa ngempela, izono zake ziyafulelwa nje, zizitshwe uNkulunkulu, zona umumo wazo zisekona. Aike, sekwapendulwa loko.

Lapa singati nje:—Uma bekunjalo, bekuzakuba amanga ukuti uJesu 'Kristo, inDodana ka'Nkulunkulu, ung *umLungisi os'emkatini* wabantu noNkulunkulu, kungoba ongasusi amanyala anjengezono, ow'embesa nje **kamlungisi** umuntu onawo. E! NjengokwamaProtestante inDodana ka'Nkulunkulu y'ahluleka ukulungisa nokucwebisa abantu.

Qa, into ekona: La sekuhlezi kona into yobuNkulunkulu, kung'enzeke ukuba kona lapo kuhlale amanyala aw'esabekayo. Akwenzeki futi ukuba into yobuNkulunkulu ibe y'into yokwembesa amanyala anjé. Qabo! Njengoba umlilo ususa, uqeda

[1]) Enz. 3,19.—[2]) 1. Kor. 6,11.—[3]) Ef. 5,25-27. [4]) Ez. 33,12.—[5]) Rom. 8,1.—[6]) Tit. 3,5-7.

yonke insila nensiyana es'ensimbini, kakulu kangakanani umlilo wobuNkulunkulu onjengexotsho elicwebisayo ususa, uqeda yonke insila nensiyana es'empefumulweni womuntu!

716. Ukuxotshiswa ixotsho elicwebisayo, siqalisa ukuxotshiswa lona ngani na?

Ukuxotshiswa ixotsho elicwebisayo siqalisa ukuxotshiswa lona ngombapatizo.

"Ngombapatizo", noma kuyiwo owenzeka ngamanzi, noma ng'owenzeka ngokuwulangazela, noma ng'owenzeka ngegazi, njengoba kuyakuzwakala pambili.

717. Uma silungisiwe, sicwetshisiwe ngexotsho elicwebisayo, sinamandhla okwenza-ni na?

Uma silungisiwe, sicwetshisiwe ngexotsho elicwebisayo, sinamandhla okusebenzela ukupila kwetu okudhlula ubuntu, yikona siyakuholelwa, sivuzwe ngako kwelipambili.

Nans' inDodana ka'Nkulunkulu, umSindisi wetu, iti: «*Mina ngil'ivina, eliyilo belu, uBaba-ke ng'umlimi walo. Yilelo nalelo 'hlamvu elikimina nxa lingatel' izitelo, uyaulinquma; yilelo nalelo-ke elitel' izitelo, uyakulihlanza yikona liyakutel' izitelo kakulu kunakuqala. Nina senihlanzekile ngezwi engilikulumile kinina. Salani-ke senihlala pakati kimina, nami ngihlale pakati kinina. Njengaloko ihlamvu levina lingezitelele 'zitelo nyokwalo, uma lingahlangene nevina, kanjalo nani ningetele 'zitelo, uma ningahlangene nami. Mina-ke ngil'ivina, nina ning'amahlamvu evina; ohlangene nami, nami ngihlangene naye, uyakutel' izitelo eziningi, loku ning'enze 'luto ning'enziswa yimi. Uma umuntu engasahlangene nami, uyakulahlwa pandhle njengehlamvu, 'ome; besebelibuta, baliponse emlilweni livute.*» [1]) Yati futi: «*Yilowo nalowo 'muti omuhle uveza izitelo ezihle.*» [2])

E! Amazwi lawa eqamile, akubonakali ukuti amaProtestante angatsho kanjani ukuti tina siti, siyakwazi ukuzisebenzela ngokwetu okuyakusitolisa iholo nomvuzo was'ezulwini, ukuti pela "siyakwaz' ukuzizuzela ngokwetu izinzuzelo", inganti tina siti: kusebenzisana uJesu nati kuhle kwevina nehlamvu lalo, uma siyilo ihlamvu lalelo 'vina eling'uKristo ngokuba sihlangene naye ngento yobuNkulunkulu leyo el'ixotsho elicwebisayo.

718. Uma ixotsho elicwebisayo lingeko kitina, sing'enza yini uto oluholelwa ezulwini na?

[1]) Joh. 15,1-6.—[2]) Matth. 7,17.

Uma ixotsho elicwebisayo lingeko kitina, sing'enze 'luto oluholelwa ezulwini.

Iyo indaba yehlamvu elingasahlangene nevina. E! Nezinzuzelo zakuqala kazisasizi 'luto, uma singabuyi sihlangane futi nevina. Ngoba ihlamvu elinqunyiwe libutwa, liponswe emlilweni. Kodwa uma sibuya sihlangane nevina, singakaponswa emlilweni wesihogo, sibuyelwa nezinzuzelo zakuqala.

719. Uma ixotsho elicwebisayo lingeko kitina, ngasing'enzi okuhle na?

Uma ixotsho elicwebisayo lingeko kitina, kuhle ukuba sizame ukutambisa uNkulunkulu ngokuba sing'enzi nezinye izono, s'enze okuhle.

Kuyabonakala ukuti, kasina'kuholelwa 'luto ngesilwenzayo singena'xotsho elicwebisayo, kodwa, (1) uma sesitole icala el'esabekayo, akuna'ngqondo ukuba sizitolele namanye amacala awesabekayo: (2) ngokuba sizama ukwenza okuhle, sing'enzi 'zono pambili, singatemba ukuti uNkulunkulu angabuya asitambele, abuye asixotshise, asiyekele mhlaumbe nezinhlaulo ab'ezausihlaulisa ngazo lapa emhlabeni. UDaniel wati ku'Nabukodonosor, inkosi yas'e-Babilon: *Izono zako zitukulule ngokusiza abampofu, nobubi bwako butukulule ngokupata abampofu ngomhau: mhlaumbe* (uNkulunkulu) *angakutetèlela izono zako.*»[1]) UNkulunkulu wati ku'Elias, umprofete: «*Aumboni yini konje ukuti, nang' uAhab* (inkosi yakwa'Israel) *ezitobile pambi kwami? Ngokuba ezitobe kangaka pambi kwami, kangiyikwehlisa lolo 'sizi emihleni yake.*[2]) Indaba yokuhlaula nokupenduka kwabas'eNinive T.d.74.

720. Uma sesike salitola ixotsho elicwebisayo, lingabuya lisilahlekele na?

Yebo, noma sesalitola ixotsho elicwebisayo, lingabuya lisilahlekele ngokuba s'enza isono esibubisayo.

Number 582.—UNkulunkulu kapoqi 'muntu, kampoqi nalapo emxotshisa into engangayo into e'luhlobo lwobuNkulunkulu, emxotshisa belu ixotsho elicwebisayo. Qa, nesixotshi sika'Nkulunkulu sisala sisenawo amandhla okuz'enzela, siselapa emhlabeni, isikati sokuvivinywa kwaso singakapeli. **Naku-ke ukwesabeka kwamandhla okuz'enzela,** esesakukomba ku'*number* 95! Ngoba:—

1. Ngokwenza isono esibubisayo singalahla into e'luhlobo lwobuNkulunkulu, eyona inhle, inkulu kunako konke okudaliweyo, noma yikupi.

[1]) Dan. 4,24.—[2]) 3. Kos. 21,29.

2. Ngokuba silahla yona, sicita ukupila oku'luhlobo lwobuNkulunkulu esikade sinako, okusifanisa noNkulunkulu.

3. Kungaseko ukupila loko, kasise'bantwana baka'Nkulunkulu; kasise'bafo wabo baka'Jesu, inDodana ka'Nkulunkulu.

4. Singase'bantwana baka'Nkulunkulu, kasisakwaz' ukudhla ifa lake, kasisakwaz' ukufika nokuhlala kwake, kasisena'pasi lokuya ezulwini.

5. Ngokuba silahla ixotsho elicwebisayo, siyamkipa uNkulunkulu endhlini yake, kade es'ake kitina pakati. Mhla w'aka kona, waengatsho ukuti ufun' ukumuka futi; kanti nangu es'ahlulwa umuntu, embekel' umteto wokumuka.

6. Siti-ke singasenako ukupila loko oku'luhlobo lwobuNkulunkulu, kasisahlangene noKristo, sizinqumile, sesing'amahlamvu-ke 'omileyo, as'elungel' ukuponswa emlilweni wesihogo.

7. Kuti-ke sekunjé, kasisakwaz' ukusebenzela izulu, kasisakwaz' ukuzuz' izinzuzelo eziholelwa kwelipambili, inganti nezinzuzelo ezindala zingasasizi 'luto.

8. Napezu kwako konke loku, sesivumele usatana ukubusa ênhliziyweni zetu, la uNkulunkulu ekade ebusa kona; sesing'abantu baka'satana; sesilungele ukudhla ifa lake esihogweni.

721. Uma salahlekelwa ixotsho elicwebileyo, singabuyiselwa lona futi na?

Yebo, uma salahlekelwa ixotsho elicwebisayo, singalibuyiselwa futi ngesakramente lempendukiso.

Ngesakramente lempendukiso», noma ngalo uqobo, noma ngokufisa ukwamukela lona, njengoba kuyakutshiwo pambili.

722. Kuko konke okuhle esingakufumana, yikupi okukulu na?

Kuko konke okuhle esingakufumana, okukulu yilo ixotsho elicwebisayo.

Number 684.—Ungaboti, wena 'Bani, ukukuluma kwetu zonke lezo 'zinto ezimangalisayo esizitshilo ngexotsho elicwebisayo, sinewawa, sihanisile. Qabo, sitshilo *into ekona* kupela, salanda nje okutshiwo enCwadini ey'ingcw. nokufundiswa iBandhla lika-'Nkulunkulu elingepambeke ekufundiseni kwalo. Kungatike kungagcwaliseka nakitina lelo'zwi lika'Jesu lokuti: «*Ngiyakubonga, 'Baba, 'nKosi yezulu nomhlaba, ngokuba izazi namahlakani ubafihlele lezi 'zinto, kanti abancinyane ub'ambulele zona.*» *)

E! Ikolwa elisileyo lingaloku lisebenzela ixotsho lelo, lilihlupekele, lilijulukele; e! uma kuswelekile, lingazidela amatambo nge-

*) Matth. 11,25.

nxa yalo. Nang' uPetrus ocw. eti: «*UNkulunkulu, okuvela kuye lonk' ixotsho, osibizile ngoJesu 'Kristo, wati, asifike ebukosini bwake obumiyo, uyakuti, uma sesihlupeke isikatshana, asipelelise, asiqinise, asipase. Udumo nobukosi abube kuye kuze kube pakade. Amen.*» [1])

723. Ukusebenzela ukupila kwetu okudhlula ubuntu, singazisebenzela ngawetu amandhla na?

Qabo, ukusebenzela ukupila kwetu okudhlula ubuntu, singezisebenzele ngawetu amandhla, loku ngawetu sing'enza nje okulingene nobuntu kube kupela.

724. Ngako-ke, ukusebenzela ukupila kwetu okudhlula ubuntu, siswela 'nto-ni na?

Ukusebenzela ukupila kwetu okudhlula ubuntu, siswela ixotsho elisizayo.

II.

Ixotsho elisizayo.

1.

Ixotsho elisizayo liy'ini?

725. Ixotsho elisizayo liy'ini na?

Ixotsho elisizayo liy'insizo edhlula okwobuntu, ingqondo eqondiswa ngayo nentando etandiswa ngayo, yikona siyakuyeka okubi, s'enze okuhle.

«*Aungiqondise* ('nKosi), *yikona ngiyakufunda umteto wako, ngiwulonde ngenhliziyo yami yonke. . . . Aulalelise inhliziyo yami, izwe imiteto yako.*» [2])

726. Ngamandhla esinawo ngokudalwa kwetu, sing'enze 'luto oluhle yini na?

Ngamandhla esinawo ngokudalwa kwetu, sing'enza nje okuhle okutize; kodwa, njengoba kung'okwobuntu nje, singezuze 'luto ngako oludhlula ubuntu.

1. Bapambekile oLuther nabo bonke abati, *ngesono sakuqala* umuntu wamukwe amandhla okwenza 'luto oluhle, aze ati noma esuka 'enza okuhle ngokwako, wenza okubi kodwa.—*Numbers* 87,2; 88; 95.

2. "Singezuze 'luto oludhlula ubuntu", ngoba umuntu, eng'umuntu nje, angezifunele, angezizuzele umteto nemfanelo ka'Nkulunkulu (*number* 705). Into kodwa ey'enzeka:—Uma eng'enzi

[1]) 1. Pet. 5,10-11.—[2]) Hlab. 118,34. 36.

'luto olubi, exwaya, eyeka okubi, uma 'enza nokuhle okutile, akavimbeli uNkulunkulu ukumxotshisa.

727. Ngako-ke nokuqala nje ukulunga okudhlula ubuntu, umuntu angeziqalele yini na?

Qabo, nokuqala nje ukulunga okudhlula ubuntu, umuntu angeziqalele, njengoba 'ahluleka nokuqubela nokuqedela, engasizwa ngensizo edhlula ubuntu evela ku'Nkulunkulu.

InDodana ka'Nkulunkulu iti: *Kamuko ongafika kimi, uBaba ongitumile engamholi.*» [1]) *Ning'enze 'luto, ning'enziswa yimi.*» [2]) UPaulus oew. uti: *Ng'uye uNkulunkulu owenza ukuba, ukutanda, nitande; nokuba, ukwenza, n'enze.*» [3]) *Ngitemba ukuti oniqalise ukwenza umsebenzi omuhle, nokufeza, uyakunifezisa.*» [4]) »*Ukutemba kwetu ku'Nkulunkulu, sitenjiswa uKristo; kasitembi ngoba tina sinamandhla okuzicabangela uto, songati siz'enzela ngokwetu, qabo, siyatemba ngoba amandhla etu evela ku'Nkulunkulu.*» [5]) »*Ngobapela, ukuti ngasicela-ni, nokuti siyicele kanjani, kasikwazi; kepa wona uMoya ngobo uyasikulumela ngokumbongoza okungakulumeki.*» [6])

728. Bonke abantu, yilowo nalowo, batola njalo yini ixotsho abaliswelayo na?

Yebo, bonke abantu, yilowo nalowo, bayalitola njalo ixotsho abaliswelayo, ngobapela "uNkulunkulu uyafuna ukuba *bonke* abantu basinde." [7])

1. Akufundwe okuku*number* 703,2. Kuyabonakala ukuti, seloku uNkulunkulu wat'emdala umuntu, wamdalela ukufika ezulwini, naselo wamtembisa ukuti uyakumsiza ngexotsho lake, us'enomteto wokwenza njalo, loku kung'enzeke ukuba akohlise (*number* 14).

2. *Utembekile uNkulunkulu, kayikunidedela nilingwe ngapezu kwamandhla eninawo, qa, uyakwenza ukuba, la kukona ukulingwa, kube kona nokupumelela, ukuze nibe namandhla okuqinisela.* [8]) E! Yiko-ke esikucelayo, la siti imihla ngemihla: »*Ungasidedeli silingwe!*»

3. (UNkulunkulu) *kafuni ukuba abatile babube, ufun' ukuba bonke bapenduke.* [9]) *UNkulunkulu uyafuna ukuba abantu basinde, b'azi isiminya; ngobapela munye uNkulunkulu, munye futi umLungiseli os'emkatini wabantu noNkulunkulu, umuntu belu uJesu 'Kristo, owaz'etula abe y'inhlaulo yabo bonke.* [10]) »*Ngobapela inDodana yomuntu, ukuza kwayo, y'eza-*

[1]) Joh. 6,44.—[2]) Joh. 15,5.—[3]) Fil. 2,13.—[4]) Fil. 1,6.—[5]) 2. Kor. 3,4-5.—[6]) Rom. 8,26. [7]) 1. Tim. 2,4.—[8]) 1. Kor. 10,13.—[9]) 2. Pet. 3,9. [10]) 1. Tim. 2,4-6.

'kufuna nokusindisa obekulahlekile. [1]) E! Nezoni esezimukelekile nokwona, ezipikelela kona, nazo uNkulunkulu uyazisiza ngexotsho eliy'ingewele, 'enzel' ukuba zing'oni pambili nokuba zipenduke ekwoneni kwazo. «*Ngifunga ukuba-kona kwami, itsho njalo inKosi, uNkulunkulu, iti: Kangifuni ukuba isoni sife, qa, ngiyafun' ukuba sipenduke, sipile.*» [2])

2.

Ukusebenzisana kwomuntu nexotsho.

729. Ixotsho lika'Nkulunkulu liyamenzisa yini umuntu ngenkani na?

Qabo, ixotsho lika'Nkulunkulu alimenzisi umuntu ngenkani; kus'entandweni yomuntu ukuba asebenzisane nalo kumbe angasebenzisani nalo.

1. Kade kuzwakala ngamazwi ka'Jesu nawoMoya ocw. ukuti ng'uye uNkulunkulu owenzisa umuntu okuhle. Akona amanye azwakalisa ukuti umuntu, **ukwenziswa kwake** ng'uNkulunkulu, **ak'enziwa.** ukuti kuswelekile pela ukuba naye umuntu 'enze okwake. Naku kutsho uPaulus ocw. eti: «*Yilowo nalowo uyakuholelwa iholo elimfanele njengomsebenzi awusebenzile, ngobapela sing'abokusebenzisana noNkulunkulu.*» [3]) «*Ukuba ngiyiloku engiyiko kungexotsho lika'Nkulunkulu; ke, ukuxotshiswa kwami ng'uye, angixotshiselwanga ilize, qa, ngisebenzile kakulu kunabo bonke, kepa akumina, l'ixotsho lika'Nkulunkulu elisebenzisene nami.* [4]) *Ukusebenzela ukusinda kwenu, sebenzani ngokwesaba nokututumela.* [5]) *Siyanixwayisa, siti, ukwamukela kwenu ixotsho lika'Nkulunkulu, ningal'amukeleli ilize.*» [6]) *Mus' ukunganaki ixotsho elikuwe, owalixotshiswa.* [7]) Izilinganiso zika-'Jesu T. t. 29, 1 & 3.; 52; **63.**

2. Nanka amanye azwakalisa ukuti, nxa ixotsho lingasebenzi ngempela, kuya ngecala lomuntu. Kutiwa: *Satanda ukwelapa iBabilon, kepa alasinda.* [8]) *'Jerusalem, 'Jerusalem, . . . kukangaki ngafuna ukuqoqa abantabako njengaloko isikukukazi siqoqela amazinyane aso pansi kwamapiko, kanti autandanga.* [9]) *Wena-ke, 'Kafarnaum . . . uyakwehla uze ufinyelele kwabapansi, ngobapela, nxa izimangaliso ez'enzeka kuwe, zaz'enzeka eSodoma, ngabe lisekona nanamhlaloku.* [10]) T. t. 63.

3. Bapambekile-ke kabi oLuther noKalvin nabo bonke abati, umuntu, ukwenza kwake okuhle, *uy'enziwa.*

[1]) Luk. 19,10.—[2]) Ez. 33,11.—[3]) 1. Kor. 3,8-9.—[4]) 1. Kor. 15,10. [5]) Fil. 2,12. [6]) 2. Kor. 6,1. [7]) 1. Tim. 4,14. [8]) Jer. 51,9.—[9]) Matth. 23,37.—[10]) Matth. 11,23.

4. Osuk' eqonde indaba yexotsho eliy'ingcwele, angalicela nokulicela ku'Nkulunkulu, alitembe, aze ati, songati *ng'uNkulunkulu yedwa* osebenza konke. Kodwa naye uqobo asebenze, asebenzisise, aze ati, songati *ng'uye yedwa* oswel' ukusebenza konke. Kwazis' ukuti, njengoba uNkulunkulu eng'ali nokumxotshisa umuntu, **kuswelekile ukuba umuntu akuze intando yake kuhle kwebuto elikuzwa induna yalo imihla ngemihla,** lize libe ibuto eliyilo.

730. Uma sinalo ixotsho elicwebisayo, singal'andisa kanjani na?

Uma sinalo ixotsho elicwebisayo, singal'andisa ngemisebenzi emihle esiy'enzayo, s'enziswa l'ixotsho elisizayo.

Yilowo nalowo os'enako anako uyakuxotshiswa, yikona ezakuba nokuningi kakulu. [1])—*Number* 717. T. t. 63. *Numbers* 200, 687, 688.

731. Imisebenzi yetu yonke engemihle engemibi, singay'enza ibe mihle ngani na?

Imisebenzi yonke yetu engemihle engemibi, singay'enza ibe mihle *ngesibomu esihle* sokuti, konke esisuka sikwenza, s'enzele ukumdumisa nokumtanda uNkulunkulu.

Noma nisuka nidhla, noma nipuza, noma nisuka n'enza-ni, konke ukwenza kwenu, an'enzele ukumdumisa uNkulunkulu! [2]) Ngako-ke ikolwa livusa isibomu esihle yonke imihla ekuseni. Lingati ngelifutshane: *'Nkulunkulu wami, konke ngizaukwenzela ukudumisa wena,* kumbe liti: *'Nkulunkulu, 'nKosi yami! Konke engizausuka ngikucabange, ngikufise, ngikukulume, ngikwenze, ngizaukwenzela ukudumisa nokutanda wena.* Lesi 'sibomu, uma singabulawanga ngesono, siyasebenza lonke ilanga. Kodwa noko kungakuhle ukuba sibuyabuye sisivuselele, yikona sizauzama kakulu ukulunga, size s'enzise okwowati: *Ukudhla kwami naku! ng'ukwenza akutandayo ongitumileyo.* [3])

2.

Amasu okuxotshiswa ng'uNkulunkulu.

732. Amasu okuxotshiswa ny'uNkulunkulu ng'amapi na?

Amasu okuxotshiswa ng'uNkulunkulu ng'amasakramente ay'ingcwele, nokukuleka nokwenza okuhle.

[1]) Matth. 25,29.—[2]) 1. Kor. 10,31.—[3]) Joh. 4,34.

Elokuti "isakramente" livele kwelesiLatini lokuti "saeramentum", eliti ngesintu "imfihlo". Kutiwa y'"imfihlo", ngoba okusetshenzwa ngesakramente kufihlakele, kungabonakali, kung'ezwakali ngokwomzimba, loku kusetshenzwa empefumulweni.

Umsebenzi walawa 'masu aufani:—

1. Amasakramente, yilelo nalelo liy'*indhlela yokuti* yokutoliswa *ixotsho lokuti*. Ukukuleka nokwenza okuhle kulungele ukusitolisa *amaxotsho onke*, nelokwamukeliswa wona amasakramente, *kungeyilawo* 'maxotsho kodwa atolakala ngamasakramente *wona odwa*.

2. Amasakramente *ayazisebenzela* ngawawo amandhla. Ukukuleka nokwenza okuhle, *kucelwa nje* ngako.

I.

Amasakramente.

733. Amasakramente ay'ini na?

Amasakramente ay'izindhlela ezinkulu zokwamukelisa abantu amandhla okulungiswa nokulunga, ezaqanjwa uJesu, zashiywa ng'uye eBandhleni lake.

1. Indaba *yamandhla okulungiswa nokulunga* seyapatwa kaningi nje:—*numbers* 176, 177, 237, 238, 240, 254—256; epejini 171. Njengoba lawa 'mandhla asetshenzwa uJesu, kus'obala ukuti amasakramente atate amandhla awo kuye.

2. Ukuti ng'uye uJesu uqobo owaqamba izindhlela ezitile zokwamukelisa abantu lawo 'mandhla okulungiswa nokulunga, sekw'ezwakala ku'*numbers* 257-258, ikakulu kodwa ku'*numbers* 306-311.

3. Ukuti abApostole bab'amukelisa abantu amasakramente, nokuti iBandhla elikatolike lisawakwezile njalo, kw'ezwakala ku-'*numbers* 263, 336-338, 342, 344, 348.

734. Ngako-ke, *into yokuqala* eswelekile ukuba okutile kutiwe, kul'isakramente, iyipi na?

Into yokuqala eswelekile ukuba okutile kutiwe, kul'isakramente, *ng'ukuba kwamiswa ng'uJesu*, kwamiselwa ukuba l'isakramente.

Kwazis' ukuti iBandhla lake kalina'mandhla okumisa amanye amasakramente, kumbe ukuguqula kumbe ukulahla akona.

735. *Into yesibili* eswelekile ukuba okutile kutiwe, kul'isakramente, iyipi na?

Into yesibili eswelekile ukuba okutile kutiwe, kul'isakramente, *ng'ukuba kube nesikombiso esibonakalayo, esizwa-*

kalayo, esiti sikomba ixotsho elitile, silisebenze empefumulweni womuntu.

Kanjalo embapatizweni umzimba womuntu ugezwa ngamanzi; ukugezwa-ke kwomzimba kukomba okusetshenzwa empefumulweni, ukugezwa kwawo belu ngegazi lomSindisi. Futi, la kugezwa, kuzwakala ukuti: »Wena 'Bani, ngiyakubapatiza . . .

Kodwa akuso ukukomba nje. Okubonakalayo, okuzwakalayo, okutiwa kuy'isikombiso, yiko okuti kukomba ixotsho elitile, *kulisebenze* empefumulweni, seloku inDodana ka'Nkulunkulu, umSindisi wetu, yati, isikombiso sokuti asisebenze ixotsho lokuti.

736. Ngako-ke *into yesitatu* eswelekile ukuba okutile kutiwe, kul'isakramente, iyipi na?

Into yesitatu eswelekile ukuba okutile kutiwe, kul'isakramente, *kul'ixotsho elitile elingabonakali* ngoba lisetshenzwa empefumulweni.

1. Nank' amazwi as'enCwadini ey'ingew. afakazela ukuti umsebenzi wesikombiso akuso ukukomba nje, akuso ukukumbuza nje futi, ukuti umsebenzi waso kung'ukusebenza impela umpefumulo womuntu, ukuw'amukelisa belu nokuw'andisela ixotsho lika'Nkulunkulu. Kutiwa: »*Akube yilowo nalowo kinina avume ukubatshatizwa ngegama lika'Jesu 'Kristo, nibatshatizelwe ukutetelelwa izono.*« [1]) Nanti elika'Jesu lokuti: »*Uma umuntu engabuyanga wazalwa ngamanzi nangoMoya ocw., angengene embuswini ka'Nkulunkulu.*« [2]) Kanjalo nangelomqiniso kutiwa: *Basebebeka izandhla pezu kwabo, b'amukela-ke uMoya ocw. 'Watike uSimon* ("Isangoma") *ub'abone ukuti kwamukeliswa uMoya ocw. ngokuba umApostole ebeka isandhla pezu kuka'bani, wati* . . . [3]) Ngelobupriste kutiwa: »*Ngaloko-ke ngiyakukumbuza ukuba ubuye uvuselele ixotsho lika'Nkulunkulu elikuwe ngokuba ngabeka izandhla zami pezu kwako.*« [4])

2. Wat' emisa amasakramente, uJesu wafunela-ni ukuba 'enzeke ngesikombiso esibonakalayo, esizwakalayo, na? (a) W'enza ngoba wawamisela abantu. Umuntu, enge'mpefumulo wodwa, eumzimba futi, ub'ezoqonda ngani ukuti us'amukeliswa isakramente elitile, uma eb'engaboni 'luto noma eng'ezwa 'luto, na? (b) W'enza nangoba iBandhla lake liy'into ebonakalayo, 'ezwakalayo, liumhlangano, liumbuso o'mpakati wawo kung'abantu. E! Ngokwamukeliswa amasakramente ngesikombiso esibonakalayo, esizwakalayo, bayabonakala ukuti bang'abeBandhla lake.

3. Bapambekile-ke oLuther nabo bonke abati, izikombiso lezo

[1]) Enz. 2,38.—[2]) Joh. 3,5.—[3]) Enz. 8,17-18.—[4]) 2. Tim. 1,6.

zas'emasakramenteni kazisebenzi 'luto empefumulweni, beti, ziyakomba *nje*, ziyafanekisa *nje*, ziyakumbuza *nje*.

737. Into enkulu esetshenzwa ngamasakramente, iyipi na?

Into enkulu esetshenzwa ngamasakramente, ng'ukwamukelisa umuntu ixotsho elicwebisayo, kumbe ukumandisela lona.

738. Okusetshenzwa futi ngamasakramente, yikupi na?

Okusetshenzwa futi ngamasakramente, ng'ukwamukelisa umuntu *ixotsho lokuti* elitolakala *ngesakramente lokuti*, litolakala ngalo lodwa.

Kanjalo umsebenzi wombapatizo wahlukene nomsebenzi welobupriste; umsebenzi welobupriste wahlukene nomsebenzi welomtshado; nanjalo pambili.

739. Amasakramente ayawusebenza njalo yini umsebenzi wawo na?

Yebo, amasakramente wona ngokwawo ayawusebenza njalo umsebenzi wawo, uma engavinjelwa ng'ow'amukelayo.

1. Kukona amasakramente, umuntu, *okade engenalo ixotsho elicwebisayo*, al'amukeliswa ngawo. Owamukela isakramente elinjalo angalivimbela ukusebenza umsebenzi walo ngokuba engenayo inhliziyo yokulungisana noNkulunkulu, engazisoli ngezono anazo, engena'sibomu sokulunga pambili, kumbe ngokuba engafuni ukukolwa nakanye.

2. Amanye ayalungel' ukwandisa *ixotsho elicwebisayo eselikona ku'muntu*. Kwazis' ukuti otand' ukwamukela wona ngaefika es'enalo. Ati-ke, uma efika engenalo, avimbele isakramente ukusebenza umsebenzi walo, napezu kwaloku *azixabelele*, loku epata kabi into ey'ingewele, into esetshenziswa igazi lenDodana ka'Nkulunkulu pela.

3. Isakramente lingavinjelwa futi ukusebenza umsebenzi walo ngokuba ol'amukeliswayo engenaso isibomu sokul'amukela. Kus'obala ukuti osuk'enza njalo ngamabomu, uyazixabelela kabi, loku edhlala ngento ey'ingewele kakulu.

740. Umamukelisi ugcina isakramente kahle, uma 'enza njani na?

Umamukelisi ugcina isakramente kahle, uma 'enza konke njengoba kutsho uJesu neBandhla lake, futi efuna ukwenza okwenziwa yilo iBandhla, ukwamukelisa kwalo amasakramente.

Umsebenzi wesakramente wenzeka, noma umamukelisi enalo ixotsho elicwebisayo noma engenalo, loku osebenzayo ngempela ng'uye uJesu kumbe uMoya ocw., umuntu ey'isandhla, umlomo, îndhlebe zabo nje. Nang' uPaulus ocw. eti: «*Kepa mina ngiti, njengaloku yilowo nalowo kinina eti: Mina nging'oka'Paulus, mina-ke oka'Apollo; futi mina nging'oka'Kefas, mina-ke oka'Kristo, ngiti: UKristo wahlukanisiwe yini konje? ng'u-Paulus konje owanganyulezwa ngenxa yenu? noma l'igama lika'Paulus yini enabatshatizwa ngalo na?*» *)

Kungako-ke umuntu owabatshatizwa ng'ongesiye oweBandhla elikatolike, wagcinelwa kodwa konke njengoba kutsho uJesu neBandhla lake, umbapatizi wake wafun' ukwenza okwenziwa l'iBandhla lika'Jesu eliyilo, kuyabonakala ukuti ubatshatiziwe.

741. Amasakramente a'si7 ng'awokuti-ni na?

Amasakramente a'si7 ng'awokuti:

1. umbapatizo,
2. umqiniso,
3. elokubonga, okutiwa elas'elatini,
4. impendukiso,
5. umgcobo wokugcina,
6. ubupriste,
7. umtshado.

1. Umbapatizo nempendukiso, kutiwa, ng'*amasakramente abafileyo.* Kungoba ongakabatshatizwa, kusafile umpefumulo wake, lokupela ukupila okudhlula ubuntu kungakabiko kuwo. Futi oswele ngempela impendukiso, uyiswele ngoba umpefumulo wake wabuya wafa, wabuya walahlekelwa belu ukupila okudhlula ubuntu.

Amanye, kutiwa, ng'*amasakramente abapilayo.* Umgcobo wokugcina ngesinye isikati ungaba elabafileyo.—*Number* 308.

2. Umbapatizo, umqiniso, ubupriste ng'amasakramente at'uma 'amukelwa umuntu, *ampaule* empefumulweni. Yiwona-ke *'amukeleka kanye nje.* L'upau olungasuleki nanini, noma umninilo es'emhlabeni, noma ezulwini, noma esihogweni.

742. Imininingwana ey'ingcwele yas'emasakramenteni iswelekile yini ngenxa yokuba lona isakramente lilunge na?

Qabo, imininingwana ey'ingcwele yas'emasakramenteni kaiswelekile ngenxa yokuba lona isakramente lilunge, kepa iyasiza kakulu.

*) 1. Kor. 1,12-13.

Kungoba, la kugcinwa imininingwana leyo, kusetshenziswa amandhla lawo okugoma nokuhlahlamelisa nokuewebisa, esesakuluma ngawo ku'*numbers* 309 & 503.

I.

Umbapatizo.

743. Ukubapatiza, kwenziwa njani na?

Ukubapatiza, umbapatizi utela amanzi ekanda lobatshatizwayo, eti: «Wena, 'Bani, ngiyakubapatiza ngegama lika-'Yise benenDodana noMoya ocwebileyo».

1. *Isikombiso esibonakalayo* ng'ukutela amanzi ekanda lomuntu, ukumgeza pela; *esizwakalayo* ng'amazwi okuti: Wena, 'Bani, ngiyakubapatiza . . . .

2. Kufuneka amanzi ayiwo; oku'manzi kambe, kungeyiwo amanzi uqobo, akubapatizeki ngako. Aike, la umbapatizi eng'umbishopu kumbe umpriste kumbe udiakone, banomteto wokubapatiza ngamanzi agonyelwe ukubapatiza (ngomgqibelo wepasika nangowepentekoste). Uma kubapatiza umuntu ongena'sikundhla esinjalo, angatata amanzi okutiwa ng'"amanzi ay'ingcwele" uma ekona, noma amanzi aluhlaza nje.

3. Into eswelekile ng'ukuba umuntu at'ebatshatizwa *agezwe*, njengoba kuzwakala ngalo elokuti uku"bapatiza"; ng'elesiGreke lona, liti ngesiNtu "ukucwilisa umuntu, ukumgeza (umzimba), ukumhlanza". Agezwe-ke umuntu noma *ngokucwiliswa* emanzini, noma *ngokucelwa* ngawo, njengoba kokubili kwake kw'enzeka, kus'enzeka namanje kwelamaGreke nakwamanye as'empumalanga, noma *ngokutelwa* amanzi, njengoba sekung'umteto kulo lonke las'entshonalanga. E! Njengoba kuswelekile ukuba kugezwe, kuhle ukuba umbapatizi, at'uma es'etela amanzi, ahlikihle ngesinye isandhla lapo etele kona, yikona amanzi engayikuvinjelwa izinwele kumbe amafuta aku'muntu ukuba afinyelele esikumbeni sobatshatizwayo.

Aike, njengaloko kona endulo kwasekubatshatizwa ngalezo 'zinhlobo zontatu, kusiza-ni uma amaProtestante atile epikelele ukuti kubapatizeka ngokucwilisa kodwa? Ukupika ukuti "ukubapatiza", indikimba yako, kuqondisa "ukugeza, ukuhlanza", kufana nokupika ukuti "ukuhlabisa" kwabantu balapa kuqondisa "ukujabulisa umuntu ngokumupa into", noma leyo'nto ihlabeka ngempela njengembuzi, noma ingahlabeki njengengubo.

4. Amanzi ngaetelwa *ekanda*. Futi njengokutsho kweBandhla kufanele ukuba atelwe kona *okakayini;* noko umbapatizo usalungile, noma etelwa *ebunzini*.

Futi-ke, njengomteto kutelwa katatu, njengoba kupatwa abazimeli abatatu bobuNkulunkulu. Kepa noko umbapatizo usalungile, noma kwatelwa kanye nje.

5. Uma kubapatiza ikolwa, kalixwaye kakulu, lingaze laguqula amazwi okuti: "Ngiyakubapatiza ngegama lika'Yise benenDodana noMoya ocw.", loku kufuneka ukuba ngelokuti "ngegama", lilinye belu, kukonjwe ubunye bwobuNkulunkulu, abazimeli bebatatu. IBandhla kalivumi ukuba kupatwe amazwi angazwakalisi loku. Futi uma eguqulwa kakulu, kungakonondisa noma umbapatizo walunga yini.

6. Kuyabonakala ukuti isikombiso esibonakalayo, esizwakalayo sas'embapatizweni sikomba ukugezwa kwompefumulo "ngegama", ngokutsho belu nangamandhla obuTatu obucw., ngamandhla pela anjengexotsho eliewebisayo. Nanjengoba sikomba loku, *siyakusebenza* futi.

744. UJesu wamisa nini isakramente lombapatizo na?

Akwaziwa noma uJesu walimisa nini isakramente lombapatizo; kodwa mhla w'enyukela ezulwini, wamisa umteto omkulu wokuti: «Hambani, niye 'kufundisa izizwe zonke, nibabapatize ngegama lika'Baba benenDodana noMoya ocw.!»*)

745. Ixotsho elingabonakali, elisetshenzwa ngombapatizo empefumulweni womuntu, yilipi na?

Ixotsho elingabonakali, elisetshenzwa ngombapatizo empefumulweni womuntu, ng'ukuqalis' ukuxotshiswa ixotsho elicwebisayo.

Number 716.—Konke okwenzekayo ngokuba obatshatizwayo es'exotshiswa ixotsho eliewebisayo, sekwakulunywa esahlukweni salo:—

Obatshatizwayo wamukela into e'luhlobo lwobuNkulunkulu, *number* 709.

Utoliswa ukupila okudhlula ubuntu, oku'luhlobo lwobuNkulunkulu, *number* 709.

Uzalwa okwesibili, ezalwa uNkulunkulu, *number* 710.

Kade ey'isidalwa, ey'isigqila nje, us'eng'umntwana ka'Nkulunkulu, *number* 710.

InDodana ka'Nkulunkulu, njengoba il'izibulo pakati kwabafo wabo abaningi, is'ing'umfo wabo, *number* 710.

Us'e'ndhlini'nye nenDodana ka'Nkulunkulu, *number* 710.

Us'eng'owakwake uNkulunkulu endhlini, *number* 710.

Es'eng'owakuleyo'ndhlu, uNina wenDodana ka'Nkulunkulu, uMaria, us'eng'unina kuye, *number* 710.

*) Matth. 28,19.

Us'etoliwe ng'uNkulunkulu, *number* 710.

Us'ey'indhlalifa ka'Nkulunkulu, *number* 711.

Us'enamandhla okufika ezulwini, enepasi lokuya kona, *number* 711.

Es'ey'isixotshi sika'Nkulunkulu, us'eyafana naye nganxanye, *number* 711,2.

Es'enexotsho eliewebisayo, us'enendikimba yobukosi bwas'ezulwini, *number* 711,2.

Umpefumulo wake, ixotsho eliewebisayo liyaw'enza muhle inqaba, *number* 712.

Liyamenza indhlu ka'Nkulunkulu, *number* 713.

Us'eng'umuntu omutsha, *number* 713,3.

Us'enesibambiso sokuvuswa ekufeni, avuselwe ubukosi bwas'ezulwini, *number* 713,4.

UMoya oew. ufika kuye nezilungo ezi3 ezidhlula ubuntu, namaxotsho awo a'si7, nawo onke amandhla okulungiswa nokulunga, *number* 714.

Utetelelwa isono sakuqala nazo zonke az'enzele zona, *number* 715,1.

Uyekelwa inhlaulo yapakade, eyas'esihogweni, *number* 715,2.

Njengoba esaqalis' ukuxotshiswa, uyekelwa nenhlaulo yonke epelayo, eyalapa emhlabeni neyas'esihlanzweni, *number* 715,2.

Us'exoliselwe uNkulunkulu, ulungisiwe pela, *number* 715 ekugcineni.

Us'eng'owomzimba ka'Jesu, owona ul'iBandhla lake eliy'ingew., *number* 711,1.

Us'el'ihlamvu levina eling'uKristo, *number* 717.

Us'enamandhla okusebenzela ukupila kwake oku'luhlobo lwobuNkulunkulu, us'enamandhla belu okuzuza izinzuzelo ezinomvuzo kwa'Nkulunkulu, *number* 717.

Es'etole ixotsho eliewebisayo, utole into enkulu enhle kunazo zonke ezinye, *number* 722.

Es'ey'isixotshi sika'Nkulunkulu, us'eyatola njalo amaxotsho asizayo, *number* 728.

746. Umbapatizo uswelekile yini na?

Yebo, umbapatizo uswelekile nokusweleka, loku umuntu engesinde engabatshatizwanga.

1. Kutsho yena uJesu ugobo, eti: *Ngiqinisile, ngiqinisile ngiti kuwe* ('Nikodemus): *Uma umuntu engabuyanga wazalwa ugamanzi nangoMoya oew., angengene embusweni ka'Nkulunkulu.*[1])

[1]) Joh. 3,5.

2. Sati ku'*number* 251. uJesu washiya indhlu yeBandhla lake ivaliwe, izihlutulelo wazishiya ku'Petrus, amandhla okubopa nokutukulula wawashiya kuye naku'bApostole bonke. Kuti-ke, uma umuntu etand' ukungeniswa endhlini le, ngaeya ku'Petrus (uPapa) naku'bApostole (ababishopu) noma kwababababambele, bamvulele ngombapatizo, ab'es'eba ng'owas'endhlini yeBandhla, owomzimba ka'Jesu. Kungako-ke kutiwa, umbapatizo *ul'isango leBandhla.*

3. Njengoba uyilo, kuy'ezwakala ukuti ongakabatshatizwa akakakwaz' ukwamukeliswa amanye amasakramente, loku esepandhle, esavalelwe indhiu leyo, angaetatshelwa emtapweni okuyo. Ngako-ke wonke umuntu okutand' ukuba asinde, kuswelekile ukuba angeniswe ngaleli 'sango, noma kung'umuntu os'ekulile, os'ehlakanipile, noma ingane, noma uhlanya olu'ngqondo ingapelele.

747. La umbapatizo ung'enzeki ngamanzi, ungebanjelwe 'luto yini na?

La umbapatizo ung'enzeki ngamanzi, ungabanjelwa umbapatizo owenzeka ngokuwulangazela, nangowenzeka ngegazi.

1. Umbapatizo owenzeka ngokuwulangazela:—Osuk' enayo inhliziyo, enayo intando ngempela yokwenza konke akufunayo, akutandayo uNkulunkulu, unayo intando yokubatshatizwa. Ngako-ke, uma umuntu onjalo es'edabukela izono zonke zake ngokudabukela okusuka ekumtandeni uNkulunkulu ngenxa yake (*number* 400), uyaw'amukela umbapatizo *ngokuwulangazela,* engabapatizeki ngamanzi belu. «*Osuk' enako ukutanda* (ukutanda uNkulunkulu belu) *uzelwe ng'uNkulunkulu, nokumazi uNkulunkulu, uyamazi.*»[1])

2. Umbapatizo owenzeka ngegazi yiwo owenzeka ngokuba at' umuntu es'etanda ukukolwa, abulawe ngenxa yako engakabatshatizwa ngamanzi. Kutiwa-ke, ubatshatizwa ngelake igazi. «*Olahlekeliswa umpefumulo wake ngenxa yami uzauwutola* ,[2]) utsho njalo uJesu. UAugustin ocw. uti: *Bayamona uFelukolo abamtandazelayo.*»[3])

748. Umuntu ubapatizeka kangaki na?

Umuntu ubapatizeka kanye kupela, ngoba upau, apaulwa ngalo empefumulweni ngombapatizo, alusuleki nanini.

Ukuti obatshatizwayo upaulwa kanjalo ngombapatizo, kuy'ezwakala ngemfundiso enikezelweyo. Kung'ezwakala nangokufumaniseka enCwadini ey'ingcw., la kutiwa: «*Nat'uma nizwa izwi*

[1]) 1. Joh. 4,7.—[2]) Matth. 10,39.—[3]) In Joann. tr. 84.

lesiminya, ivangeli belu lokusindiswa kwenu, naf'uma nikolwa. isinyatelo sacindezelwa kinina ngoMoya ocw. esawutenjiswa. kwenziswa uye (uKristo).» *)

Akuso upau lwombapatizo olunamandhla okusibeka ezulwini, kul'ixotsho elicwebisayo lona lodwa (*number* 741,2).

749. Isakramente lombapatizo liyalunga, uma kubapatiza ubani na?

Isakramente lombapatizo liyalunga, noma kubapatiza ubani, 'enza konke ngokuyiko, enenhliziyo yokwenza okwenziwa l'iBandhla la libapatiza.

Number 740.—Wonke umuntu, noma eng'umpriste noma el'ikolwa nje, noma eng'oweBandhla eliyilo lika'Nkulunkulu noma engeyena, noma el'ikolwa noma el'iqaba, angabapatiza, uma esuk' ebapatiza ngokuyiko, njengoba kade sitsho.

Ngako-ke umuntu owabatshatizwa ng'amaProtestante ngokuyiko, kasena'kubatshatizwa la es'amukelwa eBandhleni elikatolike, **uma kus'obala** ukuti umbapatizo owenziwa amaProtestante **wenzeka ngokuyiko.**

Uma kus'obala ukuti umbapatizo was'ebandhleni elingeyilo **kaw'enzekanga ngokuyiko,** ngoba kung'enziwanga konke njengaloko kuswelekile ukuba kwenziwe, noma ngoba ku'mbapatizi ol'iProtestante isibomu sokwenza okwenziwa l'iBandhla sasingeko, kuyabonakala ukuti lowo 'bani akabatshatiziwe. Ke, engabatshatiziwe, us'eyabatshatizwa mhla engeniswa eBandhleni elikatolike.

Uma umbapatizo ow'enzeka emaProtestanteni **ukonondisa,** kung'aziwa belu noma waulungile, waungalungile yini, embapatizweni womuntu onjalo eBandhleni elikatolike kutiwa: **Uma** wena 'Bani **ungabatshatiziwe,** ngiyakubapatiza . . . Kwazis' ukuti: uma umbapatizo was'emaProtestanteni waulungile, owas'eBandhleni elikatolike ausena'msebenzi; uma kodwa waungalungile, unawo.

750. Uma kungaxakekiwe, ikolwa elil'ikolwa nje livunyelwe yini ukubapatiza na?

Qabo, uma kungaxakekiwe, ikolwa elil'ikolwa nje kalivunyelwe ukubapatiza; beliyakwona, loku ukubapatiza ng'okwababishopu nabatunyiwe yibo, bona bodwa.

Yiko okuzwakala ngemfundiso enikezelweyo, nangakutshilo uJesu kubona abApostole, eti: Hambani . . . nibabapatize ngegama . . . Yibo abApostole, ababishopu kambe, abati bemisa abapriste nabadiakone babanika amandhla, babanika nemvumelo yokubapatiza. Yibo abatuma umpriste opete isikole esitile soma

*) Ef. 1,13.

sonke, bonke abakuso babe pansi kwake. Ngako-ke, uma kung'enzeka ukuba kubapatize umpriste, ikolwa lingalokoti ukubapatiza.

Kodwa la kuxakekiwe, amakolwa, nabafundela umbapatizo, e! nomuntu oy'ini nje unomteto impela wokuba aputume, asize umuntu opansi kwokufa ngombapatizo. Kepa ak'enze ngokubona, la emelwe ukubapatiza ingane (*number* 753,4), noma umuntu okulile, njengoba kuzautshiwo.

751. Embapatizweni kusuka ubuhlobo buni na?

Embapatizweni kusuka ubuhlobo bwokwomoya, obatshatiziwe ab'es'eba isihlobo sombapatizi wake, nesommeli wake.

Yilobo 'buhlobo abukombayo uPaulus ocw. eti emakolweni as'e-Korinth: *NgoKristo uJesu mina nganizala ngevangeli.* [1])

Aike, ubuhlobo lobu buy'isivimbelo somtshado njengobusuka ekuzalweni. Ong'uyise, ong'unina ka'Bani ngokuba wambapatiza noma ngoba wammela embapatizweni, uma onjalo eb'etshada nomntanake kumbe nabazali bake, engatolanga imvumelo yeBandhla, umtshado wake ub'uzakuba ize, kube umtshado onge-'mtshado.

Umbapatizo wêngane.

752. Umuntu oy'ingane angabatshatizwa yini na?

Yebo, umuntu oy'ingane angabatshatizwa, loku wonke umuntu edalelewe ukufika ezulwini.

Umuntu ung'umuntu, noma esey'ingane noma es'ekulile, noma es'ehlakanipa noma engakahlakanipi. Ke, wonke umuntu unomteto wokuba abatshatizwe. Enye into ekona enganeni: Njengoba ingakaz'enzeli 'sono, akuko'nto kuyo evimbela ixotsho elicwebisayo ukusebenza umsebenzi walo, loku inesono sakuqala sona sodwa.[2]) Nembala eBandhleni eliyilo lika'Jesu kwakubatshatizwa izingane, seloku lamiswa, njengoba kuzwakala ngemfundiso enikezelweyo; songati kuzwakala nas'en'Cwadini ey'ingcw.[3])

753. Abazali banomteto yini wokufunela izingane zabo umbapatizo na?

Yebo, abazali banomteto impela wokufunela izingane zabo umbapatizo, ngoba kung'umteto wenKosi noweBandhla layo.

1. Kuyabonakala ukuti *wonke* umuntu uswela leyo'nto esusa isono sakuqala, ixotsho belu elicwebisayo. Kungako-ke kaketanga uJesu, mhla wati: *Uma umuntu engabuyanga wazalwa ngamanzi nangoMoya ocw., angengene embusweni ka'Nkulunkulu*,

[1]) 1. Kor. 4,15.—[2]) Matth. 19,13. Mark. 10,13. etc. Luk. 18,15. [3]) Enz. 16,15.33. 18,8. 1. Kor. 1,16.

nalapo wamisa umteto wokuti: *Hambani . . . nibabapatize . .*

Aike, ukuti izingane ezimuka lapa emhlabeni zingabatshatizwanga zihlala-pi la zihlala kona, nokuti indaba yazo iyauke ilunge nini nangokuti-ni, uNkulunkulu akas'ambulele kona. Okwaziwayo ng'ukuti nje, ziy'ahluleka ukuya ezulwini zingakaxotshiswa, nokuti kazitshoni esihogweni, loku zingena'sono eziz'enzele zona.

2. **Ng'umteto weBandhla ukuba ingane yamakolwa, it'uba izalwe. itshetshe ibatshatizwe.** Ngako-ke uma kung'enzeka, ailetwe ngelanga ezalwa ngalo. Kut'uma kung'enzeki, ailetwe ngesonto elilandelana nelokuzalwa kwayo. Uma kung'enzeki naloku, ailetwe, qed'uba kutolakale umpriste. Kwazis' ukuti bay'ona abazali ab'epuza ukufunela ingane umbapatizo ngoba b'esaba imikondo njengamaqaba, noma ngoba b'esaba umoya nelanga, noma ngoba beti, kuswelekile ukuba unina abe kona embapatizweni.

3. Uma kukona ingozi, ingabatshatizwa nas'ekaya, noma ng'umpriste uma ebizeka, noma ng'ubani onge'mzali wayo; kanti uma kuxakekiwe impela, nomzali uqobo angabapatiza ingane yake. Kodwa uma ipila ingane, kunomteto ukuba iyiswe esontweni, igewaliselwe, igeinelwe imininingwane ey'ingew. yas'embapatizweni.

4. Umntwana wabange'makolwa eBandhla elikatolike angabatshatizwa, uma abampeteyo betembisa ukuti uyakukuliswa ngomteto wamakolwa eBandhleni elikatolike.

5. Umuntu os'eqonde into ekona nengeko angazibonela ngokwake ukuti ingane yekolwa, njengoba is'iewetshiselwe uNkulunkulu ong'uye ngexotsho eliewebisayo eli'luhlobo lwake, kaina'kugilelwa 'mkuba na'mkutshana wobuqaba namupi. E! Abasuka b'enza noko okunjalo, kus'obala ukuti b'enza umhlola owesabekayo.

754. Umteto weBandhla uti-ni ngokuqamba obatshatizwayo igama na?

Umteto weBandhla uti, obatshatizwayo mangaqanjwa igama elibi, elikomba ubuqaba; uti, kufanele ukuba aqanjwe igama lesiCwetshiswa esitile.

Abangaqamba igama, kung'abazali, ummeli, umbapatizi.—UBizo oew. was'ezulwini ufana nomMeli ka'Bizo wake walapa emhlabeni; kuhle-ke ukuba umuntu amtembe, at'emtemba atandaze kuye zonke izinsuku, ageine usuku lwake, ikakulu ngokwamukela ngalo amasakramente ay'ingew. (*number* 364,4).

755. Umsebenzi wommeli wengane ng'umupi na?

Umsebenzi wommeli wengane ng'ukuba umlomo nesandhla

sayo nokuyipata embapatizweni, nokuyigcina seibatshatiziwe, ikakulu uma ingagcinwa kahle abazali.

1. Kufuneka ikolwa leBandhla elikatolike, eselikulile nje, elivunyiwe naumbapatizi. Izindela kazivunyelwe ukumela 'muntu embapatizweni.

2. Kuhle ukuba owesilisa amelwe owesilisa, nowesifazana amelwe owesifazana (nangenxa yesivimbelo somtshado, *number* 751). Kodwa noko, ukwenzeka, kuy'enzeka ukuba owesilisa amelwe owesifazana, nowesifazana amelwe owesilisa.

3. Njengoba ummeli eng'uyise, unina womntwana ammeleyo, kufanele ukuba amnakekele njengoba uyise, unina enakekela umntanake, noma esemncane, noma es'ekulile. Nomntwana, kumfanele impela ukuba amhlonipe, amlalele uyise, unina onjalo.

Imininingwana ey'ingcw. yas'embapatizweni wengane (*number* 742) ingafumaniseka encwadini yemikuleko. *Izitembiso zas'embapatizweni* ezizwakala ngommeli eumlomo wengane, yizo umntwana azivuselela, mhla es'eqalis' ukwamukela ikomunione, njengaloko es'ekwaz' ukuzitsholo nangowake umlomo, loku es'ehlakanipile.

Umbapatizo wasebekulile.

756. Umuntu os'ehlakanipile angabatshatizwa yini, uma engatandi na?

Qabo, umuntu os'ehlakanipile angebatshatizwe, uma engatandi.

Kuya ngaloku ukuba umuntu os'ekulile, uma es'ezaubatshatizwa, abuzwe ng'umbapatizi ukuti: "Wena 'Bani, ucela-ni na?"; at'uma es'eti: "Ngicela ukubatshatizwa", umbapatizi apinde ati: "Uyatanda yini ukubatshatizwa na?"; at'um'es'eti: "Ngiyatanda", abatshatizwe-ke.

Kuyabonakala ukuti lapa indaba yengane iyodwa, neyomuntu os'ehlakanipile iyodwa. Ingane, uNkulunkulu angazixotshisela yona, loku kungakasebenzi intando yayo. Umuntu os'ekulile, uNkulunkulu angemxotshise engatandi. E! Ukuba nga bekubatshatizwa umuntu engafuni, umbapatizo ub'uzakuba ize.

757. Uma umuntu os'ekulile etand' ukubatshatizwa, kuswelekile ukuba 'enze-ni na?

Uma umuntu os'ekulile etand' ukubatshatizwa, kuswelekile ukuba afunde imfundiso ka'Jesu neBandhla lake, azame nokuzama ukulunga, azilungisele umbapatizo.

1. Onjalo, kutiwa, *l'ikatekumeni;* ng'elesiGreke; liti ngesiNtu: *ofundiswayo.* Kungako-ke incwadi epete imfundiso yeBandhla, kutiwa, *l'ikatekisi.*—Yiwo amakatekumeni, uMoya ocw. okuluma ngawo ngomlomo ka'Paulus ocw. eti: *Ukukuleka, bayakukuleka kuye kanjani bengakolwanga kuye na? Kumbe ukukolwa, bayakukolwa kuye kanjani bengamuzwanga na? Kepa ukuzwa bayakuzwa kanjani, kungeko oshumayelayo na? Kepa, ukushumayela, bayakushumayela kanjani, bengatunywanga na? . . . Ngako-ke ukolo luvela ngokuzwa, ukuzwa-ke kuvela ngezwi lika'Kristo.*» *)

2. Ofundel' ukubatshatizwa akageine konke kuhle kwekolwa eselibatshatiziwe:—atandaze imitandazo yemihla ngemihla, asonte, azile, akipe isicelo seBandhla, ayeke zonke izindhlela nemikuba yamaqaba, angab' esaya emisindweni nas'ematshwaleni awo; ukupela nje, ukwamukela amasakramente, us'ahluleka ukuw'amukela.

3. Ofundiselwa ukubatshatizwa la es'epansi kwokufa, akafundiswe zona izindaba ezinkulu, okuswelekile ukuba umuntu az'azi, uma etand' ukusinda, ezokuti:—

1. Kukona uNkulunkulu, umEnzi nesAnda sezulu nomhlaba.

2. Munye zwi kambe, kodwa batatu abazimeli: uNkulunkulu uYise, uNkulunkulu inDodana, uNkulunkulu uMoya ocw.

3. Uvuza abalungileyo, uhlaulisa abangalungile.

4. Umpefumulo wetu ausozè wafa.

5. InDodana ka'Nkulunkulu yaba umuntu, yasisindisa.

6. Emsebenzini wokusindisa umpefumulo siyaliswela ixotsho lika'Nkulunkulu.

Pela, osuk' ebapatiza umuntu opansi kwokufa, noma engakwaz' ukumtatela yonke imfundiso, noko angaputi ukumdhlela lezi 'zindaba eziswelekile. Futi akatitinye indaba yokutatana uma kuumuntu onomuzi, ngoba uma ingalungile ngailungiswa kungakabatshatizwa. Indaba yokutatana okuyiko kwamaqaba ifumaniseka ekuqaleni kwesahluko somtshado.

4. E! Ngoba kuswelekile ukuba umuntu, la es'etand' ukubatshatizwa, afike es'efundile, umpriste ombapatizayo ubuza ukuti: "Wena, 'Bani, uyakolwa ku'Nkulunkulu uYise . . . Uyakolwa ku'Jesu uKristo, inDodana yake . . . Uyakolwa naku'Moya ocw., uyakolwa ukuti kukona iBandhla eliy'ingwele elikatolike . . . na?"

758. Ukuba umbapatizo usebenze ngempela umsebenzi wawo ku'muntu osahlakanipa, kuswelekile ukuba 'enze-ni na?

*) Rom. 10.14-15. 17.

Ukuba umbapatizo usebenze ngempela umsebenzi wawo ku'muntu osahlakanipa, kuswelekile ukuba ab'edabukele izono owake waz'enza, abe nesibomu futi sokuyeka nokuxwaya ukwona.

Ngako-ke osuk' ebapatiza umuntu onjalo angabokohlwa ukumdabukisela izono zake, ngobapela iyo into enkulu, et'uma ingeko ivimbele ixotsho elicwebisayo ukusebenza umsebenzi walo kuye.

Ukudabukela ukwona nesibomu sokukuyeka nokukuxwaya.

759. Umuntu udabukela izono zake, uma 'enza-ni na?

Umuntu udabukela izono zake, uma ezisola ngokuba 'enze akwenzileyo, aze ati, kasayikukwenza.

1. Uma, ukuzisola kwake, esuswe isisusa sokwomhlaba, kung' *ukudabukela okungadhluli ubuntu.* Kanjalo umntwana angazisola, ngoba watshaywa, ngoba abazali, abakulu abasamtandi njengakudala. Umuntu angazisola ngokweba kwake, ngoba wabotshwa, ngoba wahlauliswa ngênkomo eziningi; angazisola ngokudakwa kwake, kumbe ngokufeba kwake, ngoba es'etuka eguliswa yiko; angazisola ngokuba wenze ukuti nokuti, ngoba es'ehlazekile, nangezinye izisusa ezinjalo.

2. Ukuti ukudabukela *okungadhluli ubuntu* kungelungele nanini ukusebenzela ukupila *okudhlula ubuntu* kuzwakala ngokuku'*number* 705.

760. Into yokuqala eswelekile ukuze kuvele ukudabukela okudhlula ubuntu, iyipi na?

Into yokuqala eswelekile ukuze kuvele ukudabukela okudhlula ubuntu, ng'ukusizwa ngexotsho lika'Nkulunkulu.

Numbers 726, 727.

761. Into yesibili eswelekile ukuze kuvele ukudabukela okudhlula ubuntu, iyipi na?

Into yesibili eswelekile ukuze kuvele ukudabukela okudhlula ubuntu, ng'ukuba umuntu, ukuzisola kwake, asuswe izisusa ezidhlula ubuntu.

762. Izisusa zokudabukela ezidhlula ubuntu zi'nhlobo'ngaki na?

Izisusa zokudabukela ezidhlula ubuntu zi'nhlobo'mbili: ezinye zisuka ekumtandeni uNkulunkulu ngenxa yetu, ezinye ekumtandeni ngenxa yake.

Number 399.

763. Izisusa zokudabukela ezisuka *ekumtandeni uNkulunkulu ngenxa yetu,* yizipi na?

Izisusa zokudabukela ezisuka *ekumtandeni uNkulunkulu ngenxa yetu,* ng'ukungakaxotshiswa kumbe ukulahlekelwa ixotsho elicwebisayo, ukuvalelwa izulu, ukuba nomteto wokuhlauliswa, ikakulu esihogweni.

Lezi 'zisusa, indikimba yazo, yizona lezo esezakulunywa ku-'*number* 401. Njengoba utando olusuka kuzo ludhlula ubuntu, kanjalo nokuzisola okusuka kuzo kuyabudhlula. Ngako-ke kulungele ukusebenzela ukupila kwetu okubudhlula. Kuyabonakala-ke ukuti, uma ukuzisola okunjalo kuhlangana nomsebenzi wombapatizo kumbe nowempendukiso (kumbe nowomgcobo wokugcina), **ukutetelelwa izono kuy'enzeka ngempela.** Noko-ke akuso ukudabukela okupakeme kakulu, ngoba, la sisadabukeliswa yilezi 'zisusa zodwa nje, uNkulunkulu siyambona kambe nganxanye, kepa nganxanye sisazibona tina.

Ukudabukeliswa ng'ukwesaba isihogo kubili: okunye kuhle, okunye kubi. Kuhle uma sibona ukuti, uNkulunkulu, el'uqobo lwokulunga, el'uqobo lwenzondo yokubi, unomteto ngempela wokuhlaulisa ababi (*numbers* 211, 683), sibone-ke ukuti yitina esimahlula, simbekela umteto wokusitshonisa esihogweni. Kubi la umuntu 'esaba kambe isihogo, kepa enhliziyweni yake eti, uma besingeko, ub'ezauz'onela ngokutanda kwake, aze asole ati, uNkulunkulu ngaengasidalanga isihogo. Bala, onjalo kazisoli, usola uNkulunkulu. Yiko ukudabukela okutiwa «okwesigqila», ngoba, ukwesaba kwaso imvubu yomniniso, kas'esatshiswa ukumtanda, s'esatshiswa ukumzonda.

764. Izisusa zokudabukela ezisuka *ekumtandeni uNkulunkulu ngenxa yake,* yizipi na?

Izisusa zokudabukela ezisuka *ekumtandeni uNkulunkulu ngenxa yake,* ng'ukubona ukuti s'one umEnzi oy'inKosi yetu nomNinitina, s'one uBaba, sikwenz'ize ukusisindisa kwenDodana ka'Nkulunkulu nomsebenzi woMoya ocw., s'ale uqobo lwobuhle nomusa.

1. Yilezo 'zisusa esez'ezwakala esahlukwaneni sokutanda uNkulunkulu ku'*numbers* 394-396, nakwesokwesabeka kwokwona ku-'*numbers* 678-682, nakwesexotsho elicwebisayo ku'*number* 720.

2. Njengoba ukumtanda uNkulunkulu ngalezi 'zisusa kul'utando olupakeme impela, "olupeleleyo" belu, kanjalo ukudabukela izono ngenxa yazo kupakeme impela, kupelele.

3. Sekuzwakele ukuti ukudabukela izono okusuka ekumtandeni uNkulunkulu *ngenxa yetu* nokusuka ekumtandeni *ngenxa yake*

kudhlula okwobuntu. Ngako-ke, la sitand' ukutetelelwa izono ngesakramente lombapatizo noma ngelempendukiso (noma ngelomgcobo wokugcina), **zombili izinhlobo lezi zokudabukela zilungile.** Kwazis' ukuti siyawalungelwa amasakramente lawo, noma ukudabukela kwetu kusuke ekumtandeni uNkulunkulu *ngenxa yetu* kupela nje.

4. Kepa noko kuhle kambe, e! kuhle kakulu ukuba sizame ukudabukeliswa ng'ukumtanda uNkulunkulu *ngenxa yake yedwa.* Imali emhlope nemali ebomvu y'imali njalo, noko ebomvu idhlula emhlope.

765. Ukudabukeliswa ukumtanda uNkulunkulu *ngenxa yake yedwa* kungasweleka yini ngezinye izikati na?

Yebo, ukudabukeliswa ukumtanda uNkulunkulu *ngenxa yake yedwa* kuswelekile uma sitand' ukuxolelana naye la s'ahluleke ukwamukela amasakramente.

1. Umuntu ot'ezunywe ukufa adinge ituba lokubatshatizwa kumbe elokuvuma izono ku'mpriste, angaxolelwa uNkulunkulu, axotshiswe ixotsho elicwebisayo, ngokuba uNkulunkulu ebona kuye ukudabukela okusuka ekumtandeni *ngenxa yake yedwa,* ebona nesibomu sokuti, sengati ngingaba netuba lokubatshatizwa (*number* 747,1), kumbe elokuvuma.

2. Kodwa, noma kungaxakekiwe kanjalo, usuku lwokubatshatizwa lusekude kodwa, olwokuvuma lungakabiko, ituba lokuvuma lngakabiko, kung'enzeka kona loko esikade sikutsho. E! Akulali 'kolwa lingadabukele izono zalo ngodabukela okupeleleyo okukanye nesibomu sokuti, ngobatshatizwa, ngovuma, qed'uba kwenzeke.

3. Kepa ikolwa elisileyo, akukusihlwa nje la l'enza njalo. Qa, *lif'uba l'etuke* l'enze isono, *livuka konamanje,* livukela pezulu, lixolelane noNkulunkulu, lizibuyisele ixotsho elicwebisayo ngesu lelo lokudabukela okupeleleyo okukanye nesibomu sokwamukela isakramente eliliswelayo.

4. Po-ke, ukwamukela lona isakramente lelo akusaswelekile yini na? Kuswelekile kakade, loku naku ukuxolelana okunjalo noNkulunkulu *kwenzeka nje ngokuba* uNkulunkulu ebona ukuti isibomu sokwamukela lona isakramente sikona kulowo 'Bani.

766. Okuvimbela umuntu ukuxotshiswa ixotsho elicwebisayo, y'into-ni na?

Okuvimbela umuntu ukuxotshiswa ixotsho elicwebisayo, y'izono ezikulu, okutiwa ezibubisayo.

767. Ngako-ke, uma umuntu etand' ukuxotshiswa ixotsho elicwebisayo, kuswelekile ukuba adabukele izono zini na?

Uma umuntu etand' ukuxotshiswa ixotsho elicwebisayo, kuswelekile ukuba adabukele izono ezikulu, okutiwa ezibubisayo.

768. Zona zonke na?

Yebo, zona zonke, loku osatanda isono esibubisayo, noma sisinye nje, usamalile uNkulunkulu.

Numbers 672.

769. Izono ezingcono, uma singazidabukele, singazitetelelwa yini na?

Qabo, nezono ezingcono, uma singazidabukele, singezitetelelwe, loku singeteteleleke 'sono uma singazisoli ngaso.

770. La umuntu edabukele izono zake ngokuyiko, unesibomu sokuti-ni na?

La umuntu edabukele izono zake ngokuyiko, unesibomu sokuti, us'ezauyeka ukwona, alungise okusalungiseka, axwaye nokuxwaya ingozi yokwona.

1. Umntwana ozisola ngempela ngokuba wahlupa uyise, unina, uqinisile la eti, kasafuni ukubahlupa. Uma eti enhliziyweni yake, uyakubahlupa futi, uyaz'enzisa, unamanga, la eti, uyazisola.

Kuyabonakala-ke ukuti ukuzisola ngempela ngezono kukanye nokuzizonda zona ngoba kungeko okubi kunazo (*number* 684), azizonde ngenzondo efana nazizonda ngayo uNkulunkulu (*numbers* 17, 19).

Aike, njengoba kuswelekile ukuba umuntu adabukele izono ezibubisayo zona *zonke*, kuswelekile futi ukuba abe nesibomu sokuziyeka zona *zonke*.

Ngako-ke, uma wena 'Bani utand' ukutetelelwa izono zako nokuxotshiswa ixotsho elicwebisayo, noma ngombapatizo noma ngempendukiso, ub'us'uti, *udabukele* zonke izono zako, kanti uz'azele ukuti ubuqaba bwokuti nobwokuti obupambene nomteto woku1 ka'Nkulunkulu aufuni ukubuyeka, nokuti nokuti okupambene namup' umteto wake usafun' ukubambelela kuko, kwazisa ukuti, akuko kuwe ukudabukela, ngoba isibomu esiyiso asiko.

2. La uBanibani engeniso ngamabomu izinkomo zake ensimini yako, ab'es'eti: Qa, ngiyazisola impela ngengikwenzile, ub'us'uti wena: Ngikokele-ke ukudhla kwami, 'ale-ke—konje lowo 'Bani uzisole ngempela yini, loku naku *esakwona namanje* ngokuba 'ala nokukukokela.

Injalo indaba yomuntu ovela ku'Nkulunkulu, ati, utand' ukutetelelwa uye ngoba ezisole ngezono zake, 'ale kodwa ukuba alungise okungalungi noma ku'mup' umteto wake, ikakulu k'owesi5 nowesi7 nowesi8. E! *Usamona* uNkulunkulu ngoba engafuni ukulungisa okulungisekayo.

3. Umuntu owake waziponsa emfuleni ugcwele, wamuka nawo, wasinda nje kodwa ngokuba wakitshwa umuntu, uma eti: "Ngiyazisola ngengikwenzile", ab'es'eti: "Kodwa mhla umfula ugcwele futi, ngobuya ngiziponse kuwo", angiti unamanga la eti, uyazisola ngakwenzile! Ngani na? Ngoba nans' ingozi yokufa usayitanda, usayifuna.

Injalo indaba yomuntu oti, uyazisola ngesono sokuti, kanti usakutanda, usakufuna okuy'ingozi kuye yokuba abuye as'enze sona leso 'sono. Njalo-ke, la insizwa, intombi iti, qa, ngiyazisola impela ngokuba ng'enze ukuti nokuti okusoleka emtetweni wesi6, kanti isafuna, isatanda ukuhambisa izindaba zokutandana kwayo ngesiqaba, kuyabonakala ukuti inamanga, loku isatanda okuy'ingozi yokwona kuyo, isatanda pela okuy'onisayo (*number* 677).

4. Odabukele ngempela izono zake, enaso isibomu sokung'oni futi, nesokulungisa okulungisekayo, nesokuxwaya okuy'ingozi yokwona, uye oqinisile, la ependulana nombapatizi eti: «Ngiyamala usatana, ngiyay'ala nemisebenzi yake yonke, ngiyaz'ala nezintokoziso zake zonke». Ongenayo inhliziyo enjalo uyaz'enzisa, uyakohlisa, unamanga.

771. Ukudabukela kwetu izono, kuswelekile yini ukuba s'azi ukuti kasisayikwona na?

Qabo, ukudabukela kwetu izono, akuswelekile ukuba s'azi ukuti kasisayikwona, ngoba kamuko ot'eselapa emhlabeni *'azi* loku.

772. Kuswelekile kodwa ukuba s'azi-ni na?

Kuswelekile kodwa ukuba s'azi ukuti, mina 'Bani, njengoba sengizisola ngengikwenzile, sengizauzama nokuzama impela ukuba ngilungise okungakalungi, nging'enzi 'zono futi, ngixwaye nengozi yokwona.

1. Ukuzisola ngezono, kuswelekile yini ukuba sizwe ubuhlungu enhliziyweni na? Pela, kuhle uma kukona loku, kuze kusikalise inyembezi mhlaumbe, la ses'etuka sibonisisa umhlola esiwenzile ngokwona kwetu. Kodwa ukusweleka, akuswelekile. Okuswelekile, ng'ukuba *ngentando yetu*, ngamandhla belu okuz'enzela, sinqume, siti: njengaloku sengibonisisa ukuti ng'enze-ni, angisatandi, angisafuni ukwenza okunjé (*number* 672,3).

2. Ukuba yon'inhliziyo embi, ugovana lowo, ingapeli, kwazisa yini ukuti isibomu setu kasilungile na? Nakanye! Ngobapela, seloku inhliziyo yomuntu is'injalo, seloku kw'enzeka pela isono sakuqala, ingatanda ukuti nokuti okumelene nomteto ka'Nkulunkulu. Kodwa ukuba itanda loko, aku'sono ngobapela ukulingwa yinhliziyo embi leyo aku'sono E! Isono s'enzeka ngokukuvumela esilingwa yiko. Ngako-ke, okuswelekile kung'ukuz'azela ukuti kasisafuni ukuyivumela inhliziyo embi, ukuti solwa nayo imihla ngemihla size siy'ahlule (*number* 607,4).

Nank'umkulekwana esingakunjuzwa yiwo izisusa zokudabukela:

'Nkulunkulu! 'Baba! Nkosi! Ngiyazisola ngenhliziyo yonke ngokuba ngizivalele izulu, ngizivulele isihogo, ng'one Wena umNinimina, uBaba, umSindisi, umCwebisi wami. Sengozama nokuzama impela ukuba, ngiti ngisizwa uwe, ngiyeke, ngixwaye ukwona nokung'angonisa. Ngitetelele, 'Baba, ,nKosi:

Ukutetelelwa izono ngombapatizo.

773. Uma umuntu edabukela izono zake ngokuyiko la ebatshatizwa, utetelelwa izono zini na?

Uma umuntu edabukela izono zake ngokuyiko la ebatshatizwa, utetelelwa zona zonke, esakuqala naz'enzela zona, uyekelwa nenhlaulo yazo yona yonke, eyapakade nepelayo. *Numbers* 715, 716. Pela izono ezingcono, umuntu utetelelwa nazo, uma engamvimbeli uNkulunkulu ngokungazidabukeli.

774. La umuntu ebatshatizwa engadabukele izono zake ngamabomu, wenza-ni na?

La umuntu ebatshatizwa engadabukele izono zake ngamabomu, uyazixabelela ngesixabelelo es'esabekayo.

775. La umuntu wabatshatizwa engadabukelanga izono zake, uyakuzitetelelwa nini na?

La umuntu wabatshatizwa engadabukelanga izono zake, uyakuzitetelelwa mhla es'ezidabukela.

La es'ebatshatiziwe ngokuyiko ngokuba watanda ukubatshatizwa nombapatizi wageina konke ngokuyiko, kuyabonakala ukuti ubatshatiziwe ngempela, nokupaulwa, upauliwe. Kodwa, ngokubane engadabukelanga izono zake, noma ngamabomu, noma ngoba waesuk'engazi, engakumbuli, kuyabonakala ukuti isakramente l'ahluleka ukusebenza umsebenzi walo ngaleyo 'nkati, livinjelwa ng'ukungadabukeli kwake. Qed'uba-ke kupele isivi-

mbelo leso, seliyasebenza.—Into nje, owazixabelela ngokuba waengadabukeli izono ngamabomu, kuswelekile ukuba atetelelwe isixabelelo leso ngempendukiso, yikona kuzaupela isivimbelo.

776. Imininigwane ey'ingcwele eyenzeka embapatizweni wabantu abakulile, yiyona leyo yini eyas'embapatizweni wezingane na?

Imininingwane ey'ingcwele eyenzeka embapatizweni wabantu abakulile, eminye yiyona leyo eyas'embapatizweni wêngane, eminye iniselwe asebekulile bona bodwa.

Kuyabonakala ukuti, njengoba kung'abantu asebekwaz'ukwona, loku sebehlakanipile, embapatizweni wabo kusetshenziswa kakulu amandhla okuyala usatana namademone, bayagonywa-ke kakulu, futi bayakuiekelwa, bayahlahlameliswa ngamandhla impela. Futi-ke, kukona eminye imininingwane elungele impela ukumfundisa obatshatizwayo, ngoba efanekisa ngempela okwenzekayo empefumulweni wake. Kungako-ke, nakuba umbapatizo womuntu os'ekulile, owabatshatizwa ngohlobo lwêngane, ulungile kambe, kufanele noko impela ukuba umuntu okulile abatshatizwe ngohlobo lwabakulile uma kunge ngokwahluleka kwombapatizi kumbe okwobatshatizwayo.

Abafundela umbapatizo banomteto yini wokuvuma izono zabo ku'mpriste na? Kabanawo nakanye. Uma nga kukona ozitandela noko ukuvuma izono zake, engakabatshatizwa, umpriste kana mteto lowo "wokung'azi 'luto" anawo la evumisile umuntu obatshatiziwe, nakuba emelwe ukulonda umteto wokutula okuy'imfihlo. Nokutetelelwa izono, kazitetelelwa. Noma os'ezaubatshatizwa ebuza nje umpriste ngendaba emxakile, engavumi, umpriste umelwe ukulonda umteto wokutula okuy'imfihlo.

Ukwamukela umuntu eBandhleni elikatolike owabatshatizwa ebandhleni elingeyilo.

777. Ingane eyabatshatizwa ngokuyiko ebandhleni elingeyilo yamukelwa kanjani ebandhleni elikatolike na?

Ingane eyabatshatizwa ngokuyiko ebandhleni elingeyilo kaiswel'ukwamukelwa eBandhleni elikatolike, loku ising'umuntu walo.

Yonke ingane ebatshatizwa ngokuyiko ing'owomzimba nompefumulo weBandhla eliyilo lika'Nkulunkulu (*number* 360). Into nje, ayigcwaliselwe ngokugcinelwa imininingwane eyingcwele yas'embapatizweni.

Uma umbapatizo wayo ukonondisa, aibatshatizwe ngokuti: «Uma wena, 'Bani, ungabatshatiziwe, ngiyakubapatiza . . . . **Ukunquma indaba, yokuti umbapatizo was'ebandhleni las'ekutini w'enzeka ngokuyiko yini, kung'okwabakulu beBandhla.**

778. Owake wabatshatizwa ebandhleni elingeyilo, waes'ekolwa kulo engase'ngane, nga'enza-ni ngokwake, la es'amukelwa eBandhleni elikatolike, na?

Owake wabatshatizwa ebandhleni elingeyilo, waes'ekolwa kulo engase'ngane, ngaefungel' ukuti us'elahlile yonke imfundiso engeyiyo nokuti us'eyavuma eyiyo, futi ngaevuma izono az'enza seloku wabatshatizwa kulelo 'bandhla.

779. Nga'enziwa-ni na?

Ngaepeziselwa umteto wokubandhlululwa, ab'es'etetelelwa izono noma ngombapatizo noma ngempendukiso.

1. La umuntu onjalo es'amukelwa eBandhleni elikatolike, into yokuqala, utshiwo obala umvumokolo walo, ab'es'emfungiswa uNkulunkulu ukuti uqinisile; at' um' efunga, apate ivangeli ngesandhla.

2. Ab'es'epeziselwa ukubandhlululwa kwake, ngoba kade ebandhlulululiwe ngokuba el'ikolwa lelinye ibandhla. Ab'es'enqunyelwa inhlaulo, kutiwe, atandaze imitandazo yokuti, kumbe asize abampofu ngokuti, kumbe 'ennze-ni.

3. **Uma kus'obala** ukuti umbapatizo wake was'ebandhleni las'ekutini waulungile, kasena'kubatshatizwa. Kuhle kodwa uma egewaliselwa ngokugcinelwa imininingwana ey'ingew. Njengoba engasena'kubatshatizwa, indaba yake iyalunga ngesakramente lempenduko.

4. **Uma kus'obala** ukuti ukubatshatizwa kwake kwalelo 'bandhla kwakungeyiko, indaba yake iyalunga ngesakramente lombapatizo, abatshatizwe nje njengabanye abangakabatshatizwa. **kube kupela.**

5. **Uma umbapatizo** wake wakulelo 'bandhla **ukonondisa,** nga**ebatshatizwa ngokuti:** «Uma ungabatshatiziwe, ngiyakubapatiza . . . », 'amukeliswe nempendukiso ngokuti: «Uma ubatshatiziwe, ngiyakutetelela . . . », yikona koti, uma indaba yake ingalungi ngempendukiso, ilunge ngombapatizo; uma-ke ingalungi ngombapatizo, ilunge ngempendukiso.

2.

Umqiniso.

780. Ukuqinisa kwenziwa njani na?

Ukuqinisa, umqinisi ubeka isandhla pezu kwabaqiniswayo ebagcoba ebunzini ngamafuta ay'ingcwele, eti: «Wena 'Bani, ngiyakudweba isipambano, ngiyakuqinisa-ke ngamafuta okusindisa ngegama lika'Yise benenDodana noMoya ocw.»

1. Yiko okuy'indikimba yesakramente lomqiniso. Kukona neminye imininingwane ey'ingcw. eyenziwayo emqinisweni; eminye mikulu; ngenxa yaloku kukona **umteto wokuti: Makungamuki 'muntu oqiniswayo, umbishopu engakabahlahlamelisi ekugcineni.**

2. *Isikombiso esibonakalayo* ng'ukubeka isandhla k'oqiniswayo nokugcotshwa kwake ngamafuta ay'ingcw. *Esizwakalayo* ng'ukuti «Wena 'Bani, ngiyakudweba . . . ». *Ukubeka isandhla pezu kwake* kubonakalisa ukumehlisela uMoya ocw. *Ukumdweba isipambano ebunzini* nokuti: «ngiyakudweba isipambano», kubonakalisa, kuzwakalisa ukuti umpefumulo us'uyapaulwa. Ukuti: «ngegama lika'Yise . . . » kuzwakalisa ukuti konke loku kwenzeka ngokutsho nangamandhla obuTatu obucw.

Isikombiso lesi, njengoba sikomba konke loku, siyakusebenza futi empefumulweni.

3. Amafuta ay'ingcw. apatwa emqinisweni, kutiwa, ng'"ukrisma"; ng'elesiGreke lona, liti nje "amafuta". Ukwenziwa kwake, kuhlanganiswa *amafuta* ávela ezitelweni zomuti otile.[1]) *nenhlaka* enepunga elimnandi kakulu, epuma emtini otile.[2]) Aike, ukrisma ugonywa ng'ababishopu ngOlwesine olukulu, kanye namafuta okutiwa owombapatizo namanye okutiwa awabafayo. Zontatu izinhlobo lezi zing'amafuta ay'ingcwele kakulu, apatwa ikakulu ekwamukeliseni amasakramente.

781. UJesu walimisa nini isakramente lomqiniso na?

Akwaziwa noma uJesu walimisa nini isakramente lomqiniso; kodwa kuzwakala ngenCwadi ey'ingcw. nangemfundiso enikezelweyo ukuti nguye owalimisa.

1. Kuzwakala ngenCwadi ey'ingcwele. Kutiwa: «*UFilipp* (udiakone) *w'ehla waya wafika edolobeni las'eSamaria. waes'e-*

[1]) NgesiNgisi kutiwa *olive tree.*—[2]) *balm tree.*

bashumayeza ngoKristo. . . . Bat'uma bekolwa uFilipp, ebashumayeza ngevangeli lombuso wezulu, babatshatizwa-ke ngegama lika'Jesu 'Kristo, abesilisa nabesifazana. . . . Aike, abApostole ababes'eJerusalem, bat' ukuzwa ukuti iSamaria livumile izwi lika'Nkulunkulu, batumela kubona uPetrus noJohannes; bona-ke baseb'ehla baya kona, basebebakulekela ukuba b'amukeliswe uMoya ocw., ngoba waungak'ehli ufike ku'muntu kwababelapo, besabatshatiziwe nje ngegama lenKosi uJesu. Basebebabeka izandhla, b'amukeliswa-ke uMoya ocw.» [1]) «*UPaulus wafika eEfesus; lapo-ke wafumana abafundi abatile. Wati-ke kubona: "Konje nat'uma nikolwa, n'amukela yini uMoya ocw. na?" Bapendula-ke bati: "Qabo, inganti nokuzwa nje ukuti kukona uMoya ocw., kasikuzwanga." Waes'eti: "Po, ukubatshatizwa kwenu, nabatshatizwa ngokuti-ni na?" Bati: "Sabatshatizwa ngombapatizo ka'Johannes* (umBapatizi)." *Waes'eti-ke uPaulus: "Aike, uJohannes waebapatiza abantu ngombapatizo wokupendukisa, eti, oza emva kwake, abakolwe uye, etsho uJesu belu." Bati-ke seb'ezwile loku, babatshatizwa-ke ngegama lenKosi uJesu. Kwasokuti, la uPaulus waes'ebabeke izandhla, uMoya ocw. w'ehla wafika kubona, basebekuluma izilimi, babula* (bebuliswa belu ng'uMoya ocw., bakuluma ababekukulunyiswa yiwo).» [2]) Futi nang'uPaulus ocw. eti: «*Oniqinisile njengati nati, esiqinisela uKristo, osigcobile futi, ng'uye uNkulunkulu, ocindezele futi kitina isinyatelo, Yena osixotshisile isibambiso soMoya ocw. ênhliziyweni zetu.*» [3]) Nalapo uPaulus ekuluma ngêmfundiso ezi'si6 ezitatelwa abantu abasaqal' ukufunda, "ezisekelayo" njengokutsho kwake, ulanda nomqiniso okutiwa ng'"ukubekwa izandhla". Naku akutshoyo! Uti: «*Ngako-ke asesiyeka imfundiso yokuqala yangoKristo, sitate-ke okupakemeyo, singapindike sisekele ngokupata* 1. *ukupenduka emisebenzini efileyo,* 2. *nokukolwa ku'Nkulunkulu, kanye* 3. *nemfundiso epata imibapatizo* (owabang'abafokazi kwa'Israel, oka'Johannes umBap., oka'Jesu), 4. *nokubekwa izandhla* 5. *nokuvuka ekufeni* 6. *nokutetwa kwamacala kwapakade.*» [4])

2. Kuzwakala nangemfundiso enikezelweyo. *UTertullian,* owazalwa kwangati ng'umnyaka 160 uKristo azalwa, uti: «Umzimba uyagezwa (ngombapatizo belu), ukuze umpefumulo uhlanzeke; umzimba uyadwetshwa (isipambano), ukuze umpefumulo uqiniswe; umzimba, ngokuba izandhla zibekwa pezu kwawo, uy'ehlelwa okungati isitunzi (soMoya ocw.), ukuze nompefumulo

[1]) Enz. 8,5.12.14-17.—[2]) Enz. 19,1-6.—[3]) 2. Kor. 1,21-22.—[4]) Heb. 6,1-2.

ukanyiswe ng'uMoya ocw. [1]) *UCyprian* ocw., owazalwa kwangati ng'umnyaka 200 uKristo azalwa, uti: «Okwakusadingeka kw'enziwa ng'uPetrus noJohannes, ukuba belu, ngokubakulekela nokubabeka isandhla kubizwe uMoya ocw., utelwe kubona. Ke, kus'enziwa njalo namanje kiti, ngobapela asebebatshatiziwe eBandhleni bayamiswa pambi kwabakulu beBandhla, beseb'amukeliswa uMoya ocw. ngokuba sibakulekela nangokuba sibeka isandhla pezu kwabo, bapeleliselwe ngesinyatelo senKosi.» [2]) Siyakaula lapa kambe; kodwa kuyabonakala ukuti nabanye oYise beBandhla bayakuluma ngawo umqiniso.

Namp' ofakazi futi! Yilawo 'mabandhla aecezuka endulo eBandhleni eliyilo lika'Kristo, ngobapela nanamhla asenalo isakramente lomqiniso.

3. AmaProtestante alilahlile leli 'sakramente. Ng'umhlola, loku naku amazwi as'enCwadini ey'ingcw. es'obala impela. Elahlile *lona isakramente,* as'enza noko *umninimgwane* otize emakolweni, la es'ekulile, ati ng'umqiniso .[3]) Y'indaba yekiwane elibomvu elibol' indeni. L'igobolondo elingena'ndikimba.—Kungenxa yamaProtestante ukuba umHlangano oy'ingcw. weBandhla was'eTrento wati: «Umqiniso uyilo isakramente eliyilo ngempela».

782. Ixotsho elisetshenzwa ngomqiniso empefumulweni womuntu, yilipi na?

Ixotsho elisetshenzwa ngomqiniso empefumulweni womuntu, ng'ukwandiswa kwexotsho elicwebisayo, futi ng'ukwamukeliswa uMoya ocw., yikona soqina, sibe amabuto ayiwo ka'Kristo.

1. Ng'ukwandiswa kwexotsho elicwebisayo —kwazis' ukuti umuntu, la el'amukela leli 'sakramente, ngaes'eba nalo. Ati-ke uma wabuya walilahla, alibuyise kuqala ngempendukiso, kumbe ngokudabukela okusuka ekumtandeni uNkulunkulu ngenxa yake yedwa okukanye nesibomu sokwamukela impendukiso (*number* 765).

2. «Ng'ukwamukeliswa uMoya ocw.» — po, angiti umuntu usaba indhlu yoMoya ocw. ngokubatshatizwa na? Yebo kambe, kodwa, njengoba ukuhlala kuka'Nkulunkulu êndaweni zonke kukodwa, nokuhlala kwake ezulwini kukodwa, kanjalo nokwamukeliswa uMoya ocw. ngombapatizo kukodwa, nokuw'amukeliswa ngomqiniso kukodwa, ngoba leyo 'mfanelo yokusizwa ng'uMoya ocw., os'eqinisiwe anayo, osabatshatizwe nje akanayo.

E! Wonke umuntu ung'umuntu wenkosi kambe, noma ey'i-

[1]) De resurr. carn. c. 8.—[2]) Ep. 73.— [3]) NgesiNgisi kutiwa *confirmation.*

ngane, noma eng'umfana, noma ey'insizwa, noma el'ibuto, noma el'ikehla. Kodwa akuyilowo nalowo onayona leyo 'mfanelo. E! Os'el'ibuto unemfanelo, unamandhla futi, angenawo onge'libuto:— ukukuzwa, ukunikwa izikali nesihlangu, ukunikwa ukudhla y'inkosi, ukuyisinela, ukuxotshiswa iyo, nani nani.

Aike, kanjalo ol'ibuto lika'Kristo ngokuba es'eqinisiwe, unemfanelo yokutola ku'Moya ocw. konke okwebuto lika'Nkulunkulu (*number* 787).

783. Umuntu uqiniseka kangaki na?

Umuntu uqiniseka kanye kupela, ngoba upau apaulwa ngalo empefumulweni ngomqiniso alusuleki nanini.

Ukuti oqiniswayo upaulwa ngempela, kuzwakala ngemfundiso enikezelweyo nangenCwadi ey'ingcw. Naku kutiwa: «*Oniqinisile njengati nati, esiqinisele uKristo, osigcobile futi, ng'uye uNkulunkulu, ocindezele futi kitina isinyatelo, osixotshise isibambiso soMoya enhliziyweni zetu.*»[1]) Kutiwa futi: *Ningahlupi uMoya ocw. ka'Nkulunkulu, isinyatelo esacindezelwa ngawo kinina, kw'enzelwa usuku lwokusinda.*»[2])

784. Abanamandhla okuqinisa, yibapi na?

Abanamandhla okuqinisa ng'ababishopu.

Kodwa noko kuy'enzeka ukuba nong'umpriste nje aqinise, uma etunyiwe ng'uPapa, nokugcoba, egcoba ngamafuta agonyiwe ng'umbishopu.

785. Emqinisweni kusuka ubuhlobo buni na?

Emqinisweni kusuka ubuhlobo bwokwomoya njengas'embapatizweni.

Kuvela sona leso 'sivimbelo sokutshada, njengas'embapatizweni.

786. Umsebenzi wommeli woqiniswayo ng'umupi na?

Umsebenzi wommeli woqiniswayo ng'ukumpata emqinisweni, nokumgcina es'eqinisiwe.

Njengomteto weBandhla wakaloku kufanele ukuba owamela umuntu embapatizweni angammeli nas'emqinisweni. Ummeli was'embapatizweni nowas'emqinisweni abasebenzisane belu.

787. Umqiniso uy'ini-ke na?

Umqiniso ul'isakramente lokubutwa uNkulunkulu.

1. Sekw'ezwakala ukuti *ngombapatizo* umuntu uzalwa ng'uNkulunkulu, abe umntwana wakwake. Kodwa *usey'ingane,* loku esazelwe nje.

[1]) 2. Kor. 1,21-22.—[2]) Ef. 4,30.

2. Ukulinganisa, kungakonjwa okwabantu abamnyama. Kwati uma kusekona *ukusokwa* kwa'Zulu, wonk' umfana ongasokiwe waesey'ingane. Pela, kulezo 'zizwe, lo'mkuba osekona kuzo (ama-Xosa, abeSutu . . . .), kusenjalo nanamhla loku. Kwat'uma umfana es'esokiwe, waes'eng'"*umuntu*" engase'ngane, engase'mntwana njena, *es'ebalwa pela nabakulile.* Aike, kwat'uba uTshaka ati, akupele lo'mkuba, wamisa umteto, wati, *ababutwe* abafana asebekulile; bati-ke uma sebebutiwe, kwabonakala ukuti akuse-'bantwana njena, *sekung'abantu impela.* Kwanjalo, kusenjalo namanje nas'emantombazaneni amaqaba. Uma engakagiliswa, engakagilelwa umkuba lowo omubi esawukomba ku'*number* 621, 2 (b), kutiwa, asey'îngane; abe *"abantu"* la sokwenziwe loko. *Nokubutwa kwamantombazana* njengomteto ka'Tshaka kuqondisa kona loko.

3. Aike, kunjalo nakwa'Nkulunkulu. Ati umntwana wakwake, uma es'ekulile, *abutwe,* owesilisa nowesifazana. At'uma es'ebutiwe, abe es'eng'"umuntu," engase'ngane nje.

'*Aziwe* ngayipi *imvunulo* na? Angaze w'aziwa kambe ngêmpape zentshe kumbe ngesakabuli kumbe ngegwalagwala kumbe ngani. Uy'aziwa *ngopau,* uMoya ocw. olucindezele *empefumulweni* wake, njengoba umqinisi empaule ebunzini *ngesipambano.*

Isaga sebuto leli ng'esokuti-ni na? Akusiso kambe esokuti "uSutu" kumbe esokuti "laba laba laba bezoza basibona" kumbe esokuti-ni. Esalo siti: "Ngegama lika'Yise benenDodana no-Moya ocw."

Ukukuzwa kwalo, likuzwe ubani na? Likuzwe y'izinduna zika-'Nkulunkulu.

Izikali nesihlangu lizitate-pi na? Lizitate ku'Moya ocw.

Ukudhla likunikwe ubá? Likunikwe yiyo inKosi, lidhle isidhlo sayo, inyama negazi layo elibongile.

Lilwe nobá? Lilwe nempi, e'mabuto ayo ng'ugovana, nabantu ababi, nosatana.

Isibindi namandhla liwatole-pi na? Liwatole opawini lwoMoya ocw., ngoba, njengaloku lungapeli lwona, nesipetu, okuvela kuso onke amaxotsho eliwaswela ibuto lika'Nkulunkulu, kasipeli nanini.

4. **Nant' izwi elikulu ku'bantu abamnyama asebeng'amakolwa!** Ku'*number* 753,5 kwatiwa, makungalokoti 'muntu ukugila namup' umkuba wobuqaba *enganeni is'ibatshatiziwe.* Lapa siti: Makungalokoti 'muntu ukutsho ukuti kuswelekile, kufanele, kuvunyelwe ukuba *umfana okoliweyo nentombazana ekoliweyo* bagile, bagiliswe, bagilelwe umkuba wokuti, *) yikona bezoba "amadoda",

*) noma kutiwa ng'ukusokwa, noma udwa, noma ukugonqa, noma ukwomula, noma umhlonyane, noma intonjane.

babe "abantu". Ukutsho njalo, noma kutsho umzali okoliweyo noma umfana noma intombazana ekoliweyo, kwazis' ukuti, amakolwa anjalo aseyiwo amaqaba angaqondanga neze ukukolwa, at'engamazi uNkulunkulu, angaqondi nemikuba, Yena uNkulunkulu abaqambele yona abantu bakwake. E! Uqambe imikuba enge'mikuba nje, qa, ing'amasakramente, ing'amasu pela okuxotshiswa uye, njengoba nant' isakramente lokubutwa uye lil'isu lokuxotshiswa onke amandhla awaswele *umuntu okulile,* yikona engasayikuba *ingane,* abe *umuntu* impela. Po-ke, la umuntu es'aziwa kwa'nKosi yamakosi ukuti ung'uye *umuntu,* ukuti uyilo *ibuto,* kungahle kusuke yini umuntu omnyama, ati: "Qa, kasiyo *indoda,* kasiye *umuntu*", ngoba engagilanga, engagiliswanga, engagilelwanga umkuba onukubele wobuqaba obumnyama tsu!

788. Umqiniso uswelekile yini na?

Ukusweleka ngokuba umuntu at'uma engaqiniswanga 'ahluleke ukusinda, umqiniso auswelekile kambe; kodwa oputa ngelake icala ukuqiniswa, uy'ona kakulu.

1. Ukusinda, ukufika ezulwini belu, wonk' umuntu os'enexotsho elicwebisayo angafika kona, loku es'eng'umntwana nendhlalifa ka'Nkulunkulu. Kepa uJesu eshiye eBandhleni lake isu leli elikulukazi lokuxotshiswa amandhla esiwaswela ekulweni kwetu okwesabekayo lapa emhlabeni, umuntu osuk' elidelela, kus'obala ukuti utola icala elikulu enKosini. Futi, ukulwa kwake loko, angahle 'ahluleke impela ngelinye ilanga, loku nang' ezivalele ngamabomu indhlela, angavelelwa ngayo amandhla awaswelayo es'ekulile.

2. Qa, leli 'sakramente lingaba likulu impela ku'bantu abasand' ukuvela ebuqabeni, bemelwe ukulwiswa kabi y'inhliziyo yobuqaba lobo, beminyiwe futi amaqaba namakolwa amabandhlabandhla. Kambe, kamuko namhla uHulumeni oti njengas'endulo: Uma wena, 'Bani, ungalahli ukukolwa, wobulawa. Kodwa inhliziyo zabaningi zisatsho kona loko; e! nemilomo yabaningi nemikuba yabaningi (abadala, nezinsizwa, nezintombi) isatsho!

789. Umuntu os'ebatshatiziwe aqiniswe nini na?

Umuntu os'ebatshatiziwe aqiniswe la es'ekulile.

790. Umuntu os'emelwe ukuqiniswa nga'enza-ni na?

Umuntu os'emelwe ukuqiniswa ngaefunda okwomqiniso, abe nexotsho elicwebisayo, awulungisele ikakulu nangokukuleka ku'Moya ocw.

Amaxotsho a'si7 oMoya ocw.—*number* 239.—OkwoMoya ocw. **kufumaniseka emapejini 12-17, 120-123.**

3.

iSakramente lokubonga,

okutiwa:

Elas'elatini.

I.

Ukubonga kwenDodana ka'Nkulunkulu emudhlweni wokugcina, nokumisa kwayo iSakramente lokubonga.

Indaba yokubonga ifumaniseka ku'*numbers* 168-172.

791. Kwati uba inDodana ka'Nkulunkulu ibonge onqamlezweni, ukubonga kwamelwa ukupela na?

Kwati uba inDodana ka'Nkulunkulu ibonge onqamlezweni, ukubonga akumelwanga ukupela, ngoba yais'ishiye eBandhleni layo isu lokupinda njalo ukubonga kwayo kwas'onqamlezweni.

792. S'azi ngani ukuti ukubonga akumelwanga ukupela na?

Ukuti ukubonga akumelwanga ukupela, siyakwazi ngowaekutshilo uNkulunkulu enDodaneni yake ngomlomo ka'David, ete: «Wena ung'umpriste njengomteto ka'Melkisedek kuze kube pakade.»

UDavid wati: «*InKosi* (uNkulunkulu uYise) *yati enKosini yami* (uNkulunkulu inDodana)*: Hlala kwesokunene sami, . . . InKosi yafunga, futi aisoze yazisola ngako, yafungela ukuti: Wena ung'umpriste njengomteto ka'Melkisedek kuze kube pakade.*» [1]) Ukuti kung'uNkulunkulu uYise ngempela okuluma enDodaneni yake, kwacasiselwa iyo uqobo, njengoba kubaliwe evangelini lika'Mattheus ocw. [2])

Aike, umteto ka'Melkisedek uy'aziwa ukuti yiwo owokubonga uNkulunkulu *ngesinkwa newaine* (T. d. 12.) Ngako-ke kuy'ezwakala ukuti, uNkulunkulu wafungela ukuti: Wena, 'nDodana yami, ung'umpriste wokungibonga ngesinkwa newaine kuze kube pakade. Ke, onqamlezweni yambonga ngenyama nangegazi layo. Kwazis' ukuti ngakuba kona okunye ukubonga, imbonge ngesinkwa newaine belu.

[1]) Hlab. 109,1. 4.—[2]) Matth. 22,41-46.

793. Ukuti ukubonga akumelwanga ukupela, sikwazi nangani na?

Ukuti ukubonga akumelwanga ukupela, siyakwazi nangowaekutshilo uNkulunkulu ngomlomo ka'Malakias umprofete.

Nangu eti: *"Kang'enami ngani* (nina, 'bakwa'Israel)", *itsho njalo inKosi yamaviyo, iti: "enikwetulela ukubonga, kangitandi ukukutabata esandhleni senu. Ngoba kuti, kutatela ekupumeni kwelanga kuze kube ukutshona kwalo, igama lami libe likulu ezizweni, êndaweni zonke-ke igama lami libongwe, l'etulelwe ukudhla okute ewe okubongayo, loku lilikulu igama lami". itsho njalo inKosi yamaviyo.»* [1])

1. Ngokuti "igama lami libongwe, l'etulelwe *ukudhla* okute ewe *okubongayo*", kuy'ezwakala ukuti, akuso ukubonga kwas'onqamlezweni okukulunywa ngako lapa, ngoba onqamlezweni akubongwanga ngokudhla.

2. Ngokuti "*êndaweni zonke* igama lami libongwe, l'etulelwe ukudhla . . . okubongayo" kuy'ezwakala ukuti, akukulunywa lapa ngokubonga kwas'onqamlezweni, ngoba kona kwabongwa endaweni yainye zwi, eJerusalem.

3. Ngokuti "*kutatela ekupumeni kwelanga kuze kube ukutshona kwalo* igama lami libe likulu" ngokuba libongwa belu ngokudhla okubongayo, kuy'ezwakala ukuti lapa kukulunywa ngokubonga okwenzeka njalo, okungapeli nangasip' isikati, inganti, ukubonga onqamlezweni, kwabongwa kwakanye zwi.

Kwazis' ukuti ngapandhle kwokubonga kwas'onqamlezweni kwakuyakuba kona "ukubonga ngokudhla okubongayo", okwenzeka "isikati sonke" nas'"êndaweni zonke".

794. Nembala uJesu waqamba olunye yini uhlobo lwokubonga na?

Yebo, uJesu waqamba olunye uhlobo lwokubonga ngokumisa iSakramente lokubonga.

Number 2 epejini 79.

795. Wat' emisa iSakramente lokubonga, uJesu w'enza-ni, wati-ni na?

Wat' emisa iSakramente lokubonga, «uJesu watata isinkwa, "wabonga", wasihlepula, wasinika bona,[2]) eti: Loku kung'umzimba wami owetulelwa nina; y'enzani loku, n'enzele ukungikumbula.» «Kanjalo watata nesitsha, "wabonga", wasinika bona, eti: Puzani nonke kuso, ngoba loku kul'i-

[1]) Mal. 1,10-11.—[2]) abApostole belu.

gazi lami, elesiVumelano esitsha, elizaupalazelwa abaningi, kwenzelwe ukutetelelwa izono.» «E! Y'enzani loku, n'enzele ukungikumbula noma nisuka nilipuza nini.»*)

796. Ukuti uJesu, wat' ekwenza loko, wabonga ngempela, kubonakala ngani na?

Ukuti uJesu, wat' ekwenza loko, wabonga ngempela, kubonakala ngokuba wabonga ngakona loko owaezobonga ngako ngangomuso, ngomzimba nangegazi lake belu.

1. Owabongwa onqamlezweni, ng'uye uNkulunkulu.
   Owabongwa emudhlweni wokugcina, ng'uye uNkulunkulu.
2. Owabonga onqamlezweni, ng'uJesu, inDodana ka'Nkulunkulu.
   Owabonga emudhlweni wokugcina, ng'uyena uJesu uqobo.
3. Okwabongwa ngako onqamlezweni, ng'umzimba negazi lika'Jesu.
   Okwabongwa ngako emudhlweni wokugcina, ng'umzimba negazi lika'Jesu.
4. Ukubonga ngomzimba negazi lake onqamlezweni, kw'enzeka ngokuhlaba, kw'ahlukana-ke umzimba negazi.

Ukubonga ngomzimba negazi lake emudhlweni wokugcina, kw'enzeka ngokuhlaba okuy'isimangaliso ezimangalisweni, kungacitwa 'gazi kambe, kanti noko kw'ahlukana umzimba negazi.

5. Onqamlezweni kwabongwa ngokuhlaba kodwa.
   Emudhlweni wokugcina kwabongwa nangokudhla.
6. Onqamlezweni inyama yenDodana ka'Nkulunkulu ebongile aidhlekanga, negazi layo elibongile alipuzekanga.
   Emudhlweni wokugcina inyama yenDodana ka'Nkulunkulu ebongile yadhleka, negazi layo elibongile lapuzeka.

Kwazis' ukuti **kokubili ukubonga loko kunye, indikimba yako;** kwahlukene nje îndhlela, enye ng'eyokubonga **ngokuhlaba kona kodwa,** enye **ngokuhlaba kona loko nangokudhla osekubongile.**

797. Wati uJesu ebonga emudhlweni wokugcina, wati, abApostole bake ab'enze-ni nabo na?

Wati uJesu ebonga emudhlweni wokugcina, wati, abApostole bake ababonge nabo njengaye, eti: «Y'enzani loku, n'enzele ukungikumbula!»

Into ekona, la ngesiNtu kutiwa "ukubonga", kutiwa ngesiHeberu "ukwenza". Ngako-ke elokuti: "y'enzani loku" ngokwempela liti: "bongani ngaloku". Ngako-ke ute-ni uJesu? Ute: Bongani ngokubonga loku, nibongele ukungikumbula! Kuya-

*) Luk. 22,19. Matth. 26,27-28. 1. Kor. 11,25.

bonakala-ke ukuti wat'etsho njalo, walimisa iSakramente lokubonga.

II.

Uqobo lwesinkwa lupenduka uqobo lwomzimba ka'Jesu.

Uqobo lwewaine lupenduka uqobo lwegazi lika'Jesu.

798. La uJesu, wat'ebonga, wati: "Loku kung'umzimba wami", uqobo lwesinkwa lwapenduka 'nto-ni na?

La uJesu, wat'ebonga, wati: "Loku kung'umzimba wami", uqobo lwesinkwa lwapenduka uqobo lwomzimba wake.

799. Kwat'uba kube kona uqobo lwomzimba wake, unge'sidumbu, kwasekuba kona 'nto-ni na?

Kwat'uba kube kona uqobo lwomzimba wake, unge'sidumbu, kwasekuba kona uqobo lwonke luka'Jesu.

Pela, la uJesu eti: "Loku kuumzimba wami", waeng'umuntu okona, engafile pela. Ngako-ke, lapo kwakukona uqobo lwomzimba wake, kwakukona wonke uJesu, lwonke uqobo lwake:—inyama negazi, umzimba nompefumulo; ke, umuntu lowo uJesu eng'umzimeli wobuNkulunkulu, kuyabonakala ukuti lapo kukona wonke umuntu uJesu, kukona inDodana ka'Nkulunkulu futi.

800. Nalapo uJesu wati: "Loku kul'igazi lami", uqobo lwewaine lwapenduka 'nto-ni na?

Lapo uJesu wati: "Loku kul'igazi lami", uqobo lwewaine lwapenduka uqobo lwegazi lake.

801. Kwat'uba kube kona uqobo lwegazi lake, kwasekuba kona 'nto-ni na?

Kwat'uba kube kona uqobo lwegazi lake, kwasekuba kona uqobo lwonke lwake.

"Uqobo lwonke luka'Jesu":—igazi nenyama, umzimba nompefumulo, ubuntu nobuNkulunkulu bwake.

802. Ukuti uqobo lwesinkwa nolwewaine lwapenduka impela uqobo lwomzimba nolwegazi lake, kuzwakala ngani na?

Kuzwakala ngamazwi ake aqamile okuti: "Loku kuumzimba wami, loku kul'igazi lami."

Kusiza-ni ukuzitsholo kwabati benêndhlebe bangafuni ukuzwa, besebezicasiselela, bazihumutshele lawa 'mazwi ngokutanda kwabo? Kutiwa, emaProtestanteni kukona izindhlela ezingapezu kwama20 zokucaza lawa 'mazwi amabili, inganti isiminya sika'Nkulunkulu sinye nga'ndaba'nye.

803. Ukuti uqobo lwesinkwa nolwewaine lwapenduka impela uqobo lwomzimba nolwegazi lake, sikwazi nangani na?

Siyakwazi nangoba uJesu waetshilo kudala, eqinisa nokuqinisa, ukuti kuswelekile ukuba abantu badhle inyama yake, bapuze igazi lake.

Nanka amazwi ake! Wati: "*Mina ngiy'isinkwa sokupilisa. Okoko benu babedhla umanna ehlane, bafa-ke. Lesi-ke siyiso isinkwa es'ehla sivel' ezulwini, yikona-ke osuk' edhla sona engayikufa. Yimina oy'isinkwa esipilayo, mina belu eng'ehle ngivel' ezulwini. Uma umuntu edhla lesi 'sinkwa, uyakupila kuze kube pakade; isinkwa belu engiyakunika sona* (abantu), *inyama yami, eyakwetulelwa ukupilisa umhlaba, iyiso.*" *As'epikisana amaJuda, epikisana odwa, eti: "Kung'enzeka kanjani nje po ukuba lo asinike inyama yake siyidhle na?"*»

AmaJuda, at'uma emuzwa uJesu etsho ukuti, uye oy'isinkwa ayakunika sona abantu basidhle, nokuti yiyo inyama yake ey'isinkwa lesi, kuy'ezwakala ukuti wona aqonde impela ukuti, iyo inyama yake uqobo, ati, bayakudhla yona. Ngobapela nanka etuswa yiloku 'kutsho kwake, ebona ukuti, konje kutiwa, asesiba amazimu, sidhle inyama yomuntu. Po-ke, uJesu waes'ependula yini ngokuti: Hai, nina, kanizwanga kahle, loku ngilinganisa nje, ngingatsho into ekona ngempela, na? Qabo, naku kutiwa:

Lapo-ke uJesu waes'eti kubo: "Ngiqinisile, ngiqinisile ngiti kinina: Uma inyama yenDodana yomuntu, ningayikuyidhla, negazi layo, uma ningayikulipuza, akuyikubako 'kupila kinina. Oyidhla inyama yami, olipuza igazi lami, unako ukupila kwapakade; mina-ke ngimvuse ngosuku lwokugcina. Ngobapela inyama yami iyiyo into yokudhliwa ngempela, negazi lami liyiyo into yokupuzwa ngempela. Oyidhla inyama yami, alipuze igazi lami, upakati kimina nami ngipakati kuye. Njengaloko uBaba opilayo engitumile, mina-ke ngipiliswa uBaba, kanjalo ongidhlayo uyakupiliswa yimi. Yiso-ke pela isinkwa es'ehle sivel' ezulwini. Kakunjengaloko okoko benu babedhla umanna, bafa-ke (noko). *Qa, odhla lesi 'sinkwa uyakupila kuze kube pakade".*»

Pela, la'mazwi as'obala. Kamuko umuntu osileyo ongasuka ati, uJesu katshongo ukuti yiyo inyama yake, yilo igazi lake okuswe-

lekile ukuba abantu bayidhle, balipuze. E! Nabamuzwa ekuluma lawa 'mazwi ngaleyo 'nkati, baqonda ukuti utsho akutshoyo. Naku kutiwa:

Aike, abafundi bake abaningi abab'ezwa loku bati: "Lilukuni leli'zwi bo! ng'ubá ongalizwa na?"»

Po-ke, wati uJesu uma ebona ukuti akusey'izita nje zake, ukuti sekuyibona abafundi nabangane bake abakutshwa yileli'zwi lake, nokuti akumunye, aku'babili nje, ukuti baningi abakubekayo, waes'elibuyisa yini na? Qabo, naku kutiwa:

«Wati-ke uJesu, ez'azela ukuti abafundi bake bakononda ngaloku, wati kubo: "Konje loku kuyanikubekisa na? Po-ke, uma niyakubona inDodana yomuntu yenyuka ibuyela lapo yaikona kudala, na? Yiwo umoya opilisayo, inyama kaisizi 'luto yona. Ke, amazwi engiwakuluma kinina, ayiwo umoya, yiwo apilisayo. Kepa-ke kukona kinina abangakolwa." Ngobapela uJesu waazile kudala ukuti yibapi ababengakolwa, nokuti ng'ubá oyakumkapela. Waes'eti-ke: "Kungako-ke ngati kinina: Kamuko ongafika kimi, engakupiwanga ng'uBaba." Lapo-ke abafundi bake abaningi basebenyiba, bebuyel' emva, ababe besahamba naye.»

Ke, wati uJesu, uma es'ebona bona abangane bake bedidwe izwi lake lokuti, abadhle inyama yake, abapuze igazi lake, waes'elibuyisa yini na? Qabo!

Lapo-ke uJesu waes'eti kwabal'ishumi nambili: "Konje nani niyatanda yini ukumuka na?"»

E! Nas' isiminya sika'Nkulunkulu singaguquki, nakona abantu besuka beti-ni, b'enza-ni. E! Yiko okwahlalisa abApostole, njengoba naku kutiwa:

USimon uPetrus waes'ependula konamanje, wati kuye: "'NKosi, sisuke siye ku'bani konje! Amazwi okupilisa napakade, unawo; tina-ke, sikoliwe tina, siqonde ukuti: Wena ung'uye uKristo (uMessias), *uyiyo inDodana ka'Nkulunkulu.*»*)

804. Ukuti uqobo lwesinkwa nolwewaine lwapenduka ngempela uqobo luka'Jesu, siyakwazi nangani futi na?

Siyakwazi nangokuba abApostole bat'uma b'ezwa ukuti: «Loku kung'umzimba wami, loku kul'igazi lami», b'azi ukuti kuyiwo uqobo nokuti kuyilo uqobo.

1. Njengoba abApostole babehlala b'azi lawo 'mazwi ka'Jesu esikade siwalanda ku'*number* 803, kuy'ezwakala ukuti babengemangale, la uJesu waes'enza owaebatembise kona kakade.

*) Joh. 6,48-59. 61-70.

2. Maningi amazwi abApostole, afumaniseka enCwadini ey'ingcwele, azwakalisa impela ukuti bab'azi nokwazi ukuti ngeSakramente lokubonga kuyapendulwa uqobo lwesinkwa nolwewaine, lupenduke uqobo luka'Kristo. Aike, amanye ayakufunyaniswa pambili.

805. La uqobo lwesinkwa nolwewaine lupenduka oluka-'Jesu, olwesinkwa nolwewaine luya ngapi na?

La uqobo lwesinkwa nolwewaine lupenduka oluka'Jesu, olwesinkwa nolwewaine aluyi 'ndawo, inganti yilo olupendukayo.

Njalo-ke, luyapela lona. Kodwa alupeli ngokumuka nangokunyamalala. Luyapela ngokupenduka, njengaloko ukupendulwa kwamanzi emtimbeni was'eKana, uqobo lwamanzi apenduka uqobo lwewaine.

806. Uqobo lwesinkwa nolwewaine lwat'uba lupenduke oluka'Jesu, kwakusekona 'nto-ni yesinkwa newaine na?

Uqobo lwesinkwa nolwewaine lwat'uba lupenduke oluka-'Jesu, kwakusekona isimo nje sesinkwa nesewaine.

Isimo somuntu, kuyiko okubonakalisa nokuzwakalisa okwomuntu.—Isimo sesinkwa, esewaine, kuyiko okubonakalisa nokuzwakalisa okwesinkwa, okwewaine, umuntu aze at'uma ekubona, angati y'isinkwa, l'iwaine; at'uma ekupata ngesandhla, ekuzwa emlonyeni, ekuzwa ngamakala, angati y'isinkwa, l'iwaine.

Ukuqonda ukuti ukupenduka loko kwenzeka kanjani, singeke sikuqonde ngenqonjwana esinayo. Esingakuqonda ng'ukuti akupambene nenqondo, nokuti «*uNkulunkulu ak'ahlulwa 'luto*».*) E! Kuy'imfihlo enkulu (*number* 49). Kodwa nokuti uhlamvana lwombila lupenduka kanjani izele namakasi nesikwebu, kasikuqondi; kepa noko siy'azi ukuti kuy'into eyenzekayo.

III.

Ukubonga kwabapriste elatini—imissa.

807. Njengaloko uJesu waete ku'bApostole, ababongise okwake, bab'enza njalo ngempela na?

Yebo, njengaloko uJesu waete ku'bApostole, ababongise okwake, bab'enza njalo ngempela, njengoba kuzwakala ngenCwadi eyingcw. nangemfundiso enikezelweyo.

*) Luk. 1,37.

Encwadini yokwenza kwabApostole kutiwa: (Abasebekoliwe) *babebambelela emfundisweni yabApostole nas'ekuhlanganeni lapo kuhletshulwa kona isinkwa, nas'ekukulekeni.*» [1]) Kutiwa kona futi: (Abasebekoliwe) *bati behlala etempeleni imihla ngemihla bekanyekanye, behlepula isinkwa ezindhlini, badhla ukudhla . . .* [2]) NoPaulus ocw. uti: «*Isitsha saleyo'nto ebongayo, esibonga ngayo, akuso yini ukuhlanganiswa negazi lika'Kristo na? Nesinkwa esisihlepulayo, akuso yini ukuhlanganiswa nomzimba wenKosi na? Ngobapela tina esibaningi siy'isinkwa sinye, sing'umzimba munye, sonke tina, esihlangene ekudhleni isinkwa sinye lesi.*» [3])

Kuyabonakala ukuti emihleni yabApostole ngelokuti "ukuhlepula isinkwa" kwakuqondakala "ukubonga" loko. Kwenziwa ngoba, la uJesu waqalisa ukubonga kanjalo, kutiwa, «*watata isinkwa, wabonga, wasihlepula . . .*». [4]) Nalapo wabuya wabonga, es'evukile bwabafileyo, kutiwa: «*Kwati uma es'ecambalalele ukudhla kanye nabo* (abafundi ababili ababeye eEmmaus), *watata isinkwa, wabonga, wasihlepula, wasinika bona. Lapo-ke kwasekuvuleka amehlo abo, bamazi-ke. . . . Yibo-ke uqobo abalanda okwenzeka endhleleni, nokuti bamazi ngokuhlepula kwake isinkwa.*» [5]) Elinye, okwakwazeka ngalo "ukubonga" loko, ng'elokuti inkonzo . [6]) Lona-ke, okutiwa ngesiGreke "liturgia", yilo okubizwa ngalo kwelamaGreke "ukubonga" loko (imissa belu) nanamhlaloku.

Aike, enCwadini ey'ingcw. kukona namanye amazwi amaningi nje afakazela le'ndaba; amanye azovela esahlukwaneni sokudhla inyama negazi elibongile lenDodana ka'Nkulunkulu, okutiwa l'ikomunione. Nas'ezincwadini zaoYise nabaBali beBandhla kuzwakala kona loko.

808. Abasapete amandhla okubonga njengoJesu nabApostole, ng'aobani na?

Abasapete amandhla okubonga njengoJesu nabApostole, ng'ababishopu nabapriste abalandelana ngomteto nabApostole.

Numbers 270, 275, 308, 310, 336.—Emabandhleni amaProtestante akuseko nelilodwa, lawa 'mandhla asekona kulo—*numbers* 331, 2 & 3; 339.

Uma sesizaupata elokuti "abapriste" lona lodwa, kwazis' ukuti liqondisa ababishopu nabapriste, loku ababishopu beng'abaprist'abakulu, abapriste beng'abapriste nje.

[1]) Enz. 2,42.—[2]) Enz. 2,46.—[3]) 1. Kor. 10,16-17.—[4]) Luk. 22,19. [5]) Luk. 24,30-31. 35.—[6]) Enz. 13,2.

809. Abapriste bayawasebenzisa lawa 'mandhla, la b'enzani na?

Abapriste bayawasebenzisa lawa 'mandhla, la bebonga elatini, okutiwa bagcina imissa.

Elokuti "ilati" livele kwelesiLatini lokuti "altare", okutiwa ngesiNgisi "altar"; aike, liti nje "indawo ey'akelwe ukubonga, indawo yokubongela".—Nelokuti "imissa" livele kona esiLatinini; kutiwa kona "missa". Imvelo yalo, livele k'okuba, la yonke inkonzo yokubonga seyapela, kwamenyezelwa, kwatiwa: "Ite, *missa* est" ukuti nje: "Hambani, seku *ukumuka*", njengoba kus'enziwa njalo nanamhlaloku. Aike, njengomkuba was'endulo yonke nje imihlangano, eyokukuluma izindaba zombuso neyokuteta amacala neyani, yaifezwa ngokumemezela loko. Kwati-ke kungakapeli ama200 eminyaka uKristo azalwa, yonke inkonzo yas'ekubongeni kweBandhla lake yais'iqala ukubizwa ngokuti "missa".

1. Njengoba abapriste bapete amandhla okubonga njengoJesu, kuyabonakal' ukuti baumlomo nezandhla zake. Kwenziwa yiloku ukuba, ukupendukisa kwabo, yilowo nalowo ati: «Loku kuumzimba wami, loku kul'igazi lami», ngoba okulumayo ngempela, aku umpriste ong'uBanibani, ng'uye uJesu uqobo okuluma ngomlomo wompriste, ng'uye oti: "Loku kung'umzimba *wami*, kul'igazi *lami*."

2. Njengoba sekw'ezwakala ku'*number* 796 ukuti uJesu, wat'ebonga emudhlweni wokugcina, w'enza kona loko owaezaukwenza onqamlezweni, kuyabonakala ukuti ukubonga kwabapriste elatini kuyiko okwas'onqamlezweni.

3. Nanjengoba uJesu, wat'uma ebonga onqamlezweni nas'emudhlweni wokugcina, wabongela wonke umhlaba, sonke isintu, nabapriste babongela kona loku elatini.

4. Futi-ke, njengoba ukubonga kwas'elatini kunye nokwas'onqamlezweni, kuyabonakala ukuti, emisseni kubongwa ngazona lezo 'zisusa, uJesu owasuswa yizo azobonga onqamlezweni. Ngako-ke ukubonga kwas'elatini

(a) ng'ukubonga *ngenxa yokukulekela uNkulunkulu,* ukuvuma belu umEnzi wako konke, isAnda sako konke, umNini'muntu, umNinikonke;

(b) ng'ukubonga *ngenxa yokutshweleza, ngenxa yokutetelelwa nokuhlaula izono;*

(c) ng'ukubonga *ngenxa yokubonga ngenhlanhla* esiyifumene;

(d) ng'ukubonga *ngenxa yokucela inhlanhla nensizo* esiyiswelayo.

5. Njengaloku ngokuy'isimangaliso abapriste bepinda kona loko, uJesu owaekwenza emudhlweni wokugcina nas'onqamlezweni, isikundhla sabo sipakeme kakulu, e! siy'esabeka.

Kus'obala-ke ukuti nesezikonzi ezikonza elatini sipakeme kakulu. Kutiwa ng'esezingelosi loku naku zona zihleze zikonza uNkulunkulu ezulwini.

IV.

Ukubonga kwas'elatini kul'isakramente.

810. Ekubongeni kwas'elatini isikombiso yisipi na?

Ekubongeni kwas'elatini isikombiso kuy'isimo sesinkwa nesewaine namazwi okuti: «Loku kuumzimba wami, loku kul'igazi lami».

1. Sekw'ezwakala ku'*number* 805 ukuti kul'uqobo lwesinkwa nolwewaine olupenduka uqobo luka'Jesu. Kwazis' ukuti leli 'Sakramente liy'enzeka nje ngesinkwa esiyiso nangewaine eliyilo. Ngokuba-ke isinkwa esapendukiswa y'inKosi yetu sasing'esenqolowa, kuswelekile ukuba nabapriste babonge ngesenqolowa. Kodwa-ke, noma sivutshelwe, noma singavutshelwe, kuy'isinkwa njalo; seku umteto-ke ukuba abapriste belas'entshonalanga babonge ngesingavutshelwe, nabelas'empumalanga, ngesivutshelwe.

2. Isimo sesinkwa (*number* 806), okutiwa kuy'isikombiso sento efihlakele, sikomba into edhliwayo, sikomba sona isinkwa leso belu es'ehle sivel' ezulwini, esing'umzimba, e! sil'uqobo lwonke luka'Jesu. Isimo sewaine, okutiwa kuy'isikombiso sento efihlekile, sikomba igazi lika'Jesu elipuzwayo, kungelona igazi lodwa nje kodwa, l'uqobo lwonke luka'Jesu.

3. Kepa umsebenzi wesikombiso esibonakalayo nesizwakalayo, akuso ukukomba *nje*, siyakusebenza futi okukonjwa yiso, kuvele ngempela into yokudhliwa neyokupuzwa.

811. Ixotsho elingabonakali, elisetshenzwa yileli 'sakramente, yilipi na?

Ixotsho elingabonakali, elisetshenzwa yileli 'sakramente, akul'ixotsho njena, ng'uYena uqobo owasisebenzela ixotsho, umNini'xotsho, uJesu uKristo, inDodana ka'Nkulunkulu.

Kuyabonakala ukuti leli 'sakramente lipata kabili:—

1. Lisebenza *ukubonga*, okwenzeka ngokupendukisa. Yiko ukubonga okuvela kuko ixotsho eliwebisayo, ngoba onke amasakramente atata amandhla awo kuko. Yiko futi okuvela kuko

amaxotsho asizayo. E! Yiko okuvela kuko nako konke okunye okuhle, ngitsho pela nokwomhlaba nokwomzimba (*number* 458).

2. Lisebenza amandhla okuba *osekubongile kudhleke,* okwenzeka ngokwamukela, okutiwa l'ikomunione. E! La ses'amukele uJesu uqobo, upakati kitina, nati sipakati kuye, s'andiselwe-ke ixotsho elicwebisayo, sitole namaxotsho asizayo, nako konke okuhle esikuswelayo.

Kuyabonakala ukuti isitatu leso, okupelela ngaso amasakramente, sikona kwelokubonga:—ukumiswa ng'uJesu (*number* 795), isikombiso esibonakalayo nesizwakalayo (*number* 810), nexotsho elingabonakali.

812. Uma isinkwa sipendukisiwe, wonke uJesu ukona yini lapo kukona isimo sesinkwa na?

Yebo, uma isinkwa sipendukisiwe, wonke uJesu ukona lapo kukona isimo sesinkwa.

Numbers 799, 801. E! Aku'sidumbu, yiwo umzimba ka'Jesu, njengoba ehlezi ezulwini *epila,* yiwona lowo owazalwa ng'uMaria, yiwona lowo owahlatshwa onqamlezweni, yiwona lowo os'unobukosi bwas'ezulwini, onabo seloku wavuka elibeni. Kuy'ezwakala-ke ukuti ng'umzimba *onegazi.* Ngako-ke osuk'ew'amukela umzimba ka'Jesu, uyal'amukela negazi lake.

813. Po-ke, uJesu wafunela-ni ukuba leli 'sakramente l'enzeke ngokupendukisa okubili, isinkwa *newaine,* na?

UJesu wafuna ukuba leli 'sakramente l'enzeke ngokupendukisa okubili, isinkwa *newaine,* ngoba kwakuyakubongwa ngako njengas'onqamlezweni, kwahlukane-ke umzimba negazi.

Number 796,4. "Kwahlukane umzimba negazi", ngobapela ngamandhla okuti: "Loku kung'umzimba wami", *yiwo umzimba* ka'Jesu ovelayo; nangoba kuvela wona, kuvela wonke uJesu. Nangamandhla okuti: "Loku kul'igazi lami", *yilo igazi* lake elivelayo; nangoba kuvela lona, kuvela Yena wonke. E! Naku-ke ukuhlaba esati kuy'isimangaliso ezimangalisweni.

814. Ngokuba uJesu elapo la kukona isimo sesinkwa esipendukisiweyo nesewaine elipendukisiweyo, uJesu u'baningi yini na?

Qabo, ngokuba uJesu elapo la kukona isimo sesinkwa esipendukisiweyo nesewaine elipendukisiweyo, aka'baningi, munye njalo, ezulwini ehlezi ngomteto wendawo, elatini ngomteto woqobo njena.

1. Kwenziwa y'ini? Kwenziwa ngoba uqobo lwento, lona ngokwalo, kaluswel' ukukauliswa indawo etile. Ezulwini, uqobo luka'Jesu luhlezi ngomteto wendawo, ngoba lugcwalisa indawo etile. La kukona isimo sesinkwa esipendukisiweyo, kumbe esewaine elipendukisiweyo, *lona lolo 'luqobo lwake kanye nako konke okwalo luhlezi kona,* ai kodwa ngomteto wendawo.

2. Kungako-ke futi uJesu kahletshulwa, noma kuhletshulwa isinkwa esipendukisiweyo, noma kutelwa iwaine elipendukisiweyo kwesinye isitsha. Unjalo kakade umteto woqobo, ngoba nesinkwa esiy'isinkwa nje, la sicezuliwe, angiti yilolo nalolo 'cezu nocezwana kuseyiso isinkwa *uqobo,* namanzi as'esitsheni esitile, uma etelwa kwesinye, angiti kuzo zombili kuseamanzi *uqobo,* na? E! Kwazis' ukuti *uqobo alwahlukani,* nakona okuy'isimo kwahlukene.

815. Uma sekupendukisiwe isinkwa newaine, uJesu ukona lapo, kuze kube nini na?

Uma sekupendukisiwe isinkwa newaine, uJesu ukona lapo, kuze kupele isimo sesinkwa kumbe esewaine.

Nxa nga isinkwa esipendukisiwe sihlale isikati eside kuze kw'onakale isimo sesinkwa, aze at'umuntu uma ekubona, ekupata, ekuzwa emlonyeni kumbe ngamakala, ati, akuse'sinkwa, kuyabonakala ukuti akuseko lapo uJesu, loku ekona nje lapo kukona isimo sesinkwa esipendukisiweyo. Injalo nendaba yesimo sewaine elipendukisiweyo.—Kunjalo futi, uma isimo sesinkwa esipendukisiweyo sipelela pakati emzimbeni, la sidhliwe (ngekomunione).

V.

Ukudhla nokupuza inyama negazi elibongile lenDodana ka'Nkulunkulu—ikomunione.

816. Okukulu, abapriste abakwenzayo ekubongeni kwabo, kungaki na?

Okukulu, abapriste abakwenzayo ekubongeni kwabo, kutatu: okwokuqala ng'ukwetula into yokubonga, okwesibili ng'ukubonga ngempela ngokupendukisa, okwesitatu ng'ukudhla osekubongile.

Kungako-ke kutiwa *izinxenye ezinkulu* zemissa zintatu*)—*number* 536.

*) EsiNgisini zibizwa ngokuti *Offertory, Consecration, Communion.*

817. Ukubonga kwabo, abapriste bazibongela bona bodwa yini na?

Qabo, abapriste kabazibongeli bona bodwa, babongela bonke abang'abantwana baka'Nkulunkulu.

Nganxanye umpriste ung'umlomo nesandhla sika'Jesu, umPriste wetu omkulu. Nganxanye ung'umlomo nesandhla seBandhla lake, esamakolwa onke belu. E! Ung'*umlungiseli was'emkatini* wabantu noNkulunkulu.

818. Ngako-ke, ukudhla osekubongile, abapriste bazidhlela bodwa yini na?

Qabo, abapriste kabazidhleli bodwa osekubongile, bakunika nabanye abantwana baka'Nkulunkulu.

1. Naku-ke! Kugewalisekile elika'David (*number* 792). Ngokuba ibonga ngezandhla nangomlomo wabapriste emalatini, inDodana ka'Nkulunkulu ing'uye "*umpriste njengomteto ka'Melkisedek kuze kube pakade*", owokubonga belu ngesinkwa newaine.

2. E! Nelika'Malakias ligewalisekile (*number* 793), loku naku (a) igama lika'Nkulunkulu libongwa, l'etulelwa *ukudhla okute ewe okubongayo* ; (b) libongwa kanjalo ēndaweni zonke , ngobapela imissa ligcinwa emhlabeni wonke, *likatolike* belu (*number* 255); (c) libongwa kutatela ekupumeni kwelanga kuze kube ukutshona kwalo , ng'"ukubonga kwapakade" okungapeli, ngani na? ngoba umhlaba uzungeza ilanga ngokuziguqukela kwawo, amazwe ngamazwe ayaselwa, apunyelwa ilanga ngokulandelana; kungako-ke nokubonga uNkulunkulu emalatini "ngokudhla loko okute ewe okubongayo", ngemissa belu, kuyiloku kulandelana, immini nobusuku, kukona njalo pela. E! Akuse ukubonga kwapakade kwas'esiVumelanweni esidala, lapo kwakubongwa zonke izinsuku ngokuhlabela uNkulunkulu ekuseni nakusihlwa nje, qa, okwas'esiVumelanweni esitsha kuhleze kukona.

3. EmaProtestanteni akubongwa njengas'emaJudeni nakwabaka'Mahomed futi, nokubongeka, akubongeki kona (*numbers* 339,1 ekugcineni, 331,2&3).

819. Ukudhla nokupuza inyama negazi elibongile lenDodana ka'Nkulunkulu, kutiwa-ni na?

Ukudhla nokupuza inyama negazi elibongile lenDodana ka'Nkulunkulu, kutiwa l'ikomunione.

ElesiLatini leli lokuti "ikomunione" liqondisa "ukuba nto'nye noBani noma nento-ni". E! Ngokwamukela, ngokudhla belu inyama negazi elibongile lenKosi yetu uJesu 'Kristo "siba 'nto'nye nayo", sihlanganiswa nayo njengokudhla nomzimba.

820. Ngenxa yokupuza igazi lenDodana ka'Nkulunkulu, kuswelekile yini ukuba sipuziswe newaine elipendukisiweyo na?

Qa, ngenxa yokupuza igazi lenDodana ka'Nkulunkulu, akuswelekile ukuba sipuziswe newaine elipendukisiweyo, loku owamukela umzimba wayo 'amukela negazi layo.

Ngezinewadi zas'endulo kuy'ezwakala ukuti, nakona endulo sokw'enzeka loku, kwaza kwati, sekupele amakulu al'i11 uKristo azalwa, sekwaba umkuba was'eBandhleni lonke ukuba amakolwa 'amukeliswe isinkwa esipendukisiweyo sona sodwa. Seloku uHuss nabake bafundisa ukuti *kuswelekile* ukwamukela kokubili, emHlanganweni weBandhla was'eKonstanz nowas'eBasel kwamiswa umteto wokuti, amakolwa ak'amukeliswe isinkwa esipendukisiweyo sona sodwa. Lo'mteto wabuya wavuselelwa emHlanganweni was'eTrento, ngoba amaProtestante abuya avuselela imfundiso ka'Huss—*Number* 812.

821. Okusetshenzwa ngekomunione, yikupi na?

Okusetshenzwa ngekomunione, ng'ukuhlanganiswa nenDodana ka'Nkulunkulu ngokuy'isimangaliso size sibe 'nto'nye nayo.

Naku kutsho Yona uqobo, iti: «*Odhla inyama yami upakati kimina nami ngipakati kuye.*» [1])—Into ekona nansi! Wonke umntwana uswela ukudhla, owomuntu uswela okwomuntu, oka'Nkulunkulu okuka'Nkulunkulu. Loku 'kudhla naku kukonjwa inDodana ka'Nkulunkulu, iti: «*Inyama yami iy'into yokudhliwa ngempela, negazi lami liy'into yokupuzwa ngempela.* [2]) Yiko-ke ukudhla okupilisa abantwana baka'Nkulunkulu njengokutsho kwayo iti: *Njengaloko uBaba opilayo engitumile, mina-ke ngipiliswa uBaba, kanjalo ongidhlayo uyakupiliswa yimi. . . . Odhla lesi 'sinkwa uyakupila kuze kube pakade.*» [3])

Ekugcineni kuka'*number* 170 sati, abakwa'Israel la babebongela uxolo, kwatiwa, «bacambalalela ukudhla kanye noNkulunkulu . Nokwamaqaba alapa kunjalo, indikimba yako, ngoba abanini-'kudhla okubongile kutiwa ng'amadhlozi, yiwo-ke amema abakubo badhle emudhlweni wawo.—Ke, kunjalo nas'ekubongeni kwabakwa'Nkulunkulu. Umnini'kudhla okubongile elatini kung'uNkulunkulu. Uye omema abakwake, badhle emudhlweni abalungisele Yena (T. t. 58).

822. Ngokuba sihlanganiswa nenDodana ka'Nkulunkulu ngekomunione, kusetshenzwa-ni empefumulweni na?

[1]) Joh. 6,57.—[2]) Joh. 6,56.—[3]) Joh. 6,58. 59.

Ngokuba sihlanganiswa nenDodana ka'Nkulunkulu ngekomunione, s'andiselwa ixotsho elicwebisayo, sitetelelwa izono ezingcono, sitanjiselwa ugovana, sibanjiselwa ukuvuselwa ubukosi bwas'ezulwini.

1. Os'ezauhlanganiswa nenDodana ka'Nkulunkulu, kuswelekile ukuba afike nexotsho elicwebisayo.

2. Njengaloko amacala angcono etetelelela nangapandhle kwempendukiso, kus'obala ukuti singawatetelelwa inDodana ka'Nkulunkulu, la is'ipakati kitina.

3. Inyanga ezinyangeni aizeli ize, izel' ukwelapa isiguli leso semihla, inhliziyo leyo belu ey'enakele selo kw'enzeka isono sakuqala, eyobuqaba (*numbers* 456, 468, 477, 481-489, 493-497) neyolaka neyobufebe neyani.

4. Kwabal'amukela ngokufaneleyo kuyakugcwaliseka akutshilo uJesu wati: *Odhla inyama yami, opuza igazi lami, unako ukupila kwapakade; mina-ke ngimvuse ngosuku lwokugcina . . . Odhla lesi 'sinkwa uyakupila kuze kube pakade.*» [1])

823. La sesihlanganisiwe nenDodana ka'Nkulunkulu ngekomunione, singekuzamele yini okwomhlaba nokwomzimba na?

Yebo, la sihlanganisiwe nenDodana ka'Nkulunkulu ngekomunione, singakuzamela kakulu okwomhlaba nokwomzimba, ngobapela konke kupetwe iyo.

Numbers 458, 461-467, 479; 485,1; 488; 614,5,b.

1.

Ukulungisela ikomunione ngokwompefumulo.

824. Ukulungisela ikomunione ngokwompefumulo *okuswelekile* yikupi na?

Ukulungisela ikomunione ngokwompefumulo *okuswelekile*, ng'ukuba nexotsho elicwebisayo.

UJesu wati: *Okuy'ingcwele, ningakuniki izinja, nobuhlalu bwembata ningabuponsi ênglulubeni!*» [2]) UMoya ocw. uti ngomlomo ka'Paulus ocw.: *Isitsha saleyo'nto ebongayo, esibonga ngayo, akuso yini ukuhlanganiswa negazi lika'Kristo na? Nesinkwa esisihlepulayo, akuso yini ukuhlanganiswa nomzimba wenKosi na? . . . Ke, kangifuni, ukuba nihlanganiswe nemimoya emibi* (usatana namademone)*; akwenzeki ukuba nipuze isitsha senKosi nesitsha semimoya emibi; futi akwenzeki ukuba nihlangane ekudhleni isidhlo senKosi nas'ekudhleni isidhlo semimoya emibi.*» [3])

[1]) Joh. 6,55. 59.—[2]) Matt. 7,6.—[3]) 1. Kor. 10,16. 20-21.

Ngako-ke osuk' ez'azela ukuti angatemba impela ukuti isono esibubisayo kasiko kuye, ukuti-ke ixotsho elicwebisayo likona, **ukulungisela okuswelekile sekukona kuye.** Oz'azela ukuti ixotsho elicwebisayo lalahleka ngokuba w'esuka w'enza isono esibubisayo, kuswelekile ukuba alibuyise kuqala, and'uba ahambe al'amukele.

825. Ngomteto weBandhla kuswelekile ukuba ow'enza isono esibubisayo 'enze-ni, la es'etand' ukwamukela ikomunione na?

Ngomteto weBandhla kuswelekile ukuba ow'enza isono esibubisayo aye'kuvuma ku'mpriste; at'uma es'etetelelwe, al'amukele.

826. Odhla, opuza inyama negazi elibongile lenDodana ka'Nkulunkulu, enesono esibubisayo, wenza-ni na?

Odhla, opuza inyama negazi elibongile lenDodana ka-'Nkulunkulu enesono esibubisayo uyazixabelela ngokwesabekayo.

Naku okutshilo uMoya ocw. ngomlomo ka'Paulus ocw., uti: *Noma ningasuka nini, nidhle isinkwa lesi, nipuze isitsha lesi, niyakumemezela ukufa kwenKosi, ize* (ibuye) *ifike. Ngako-ke, osuk' edhla lesi 'sinkwa, epuza isitsha senKosi, engafanelwe, uyakutola icala ngomzimba negazi lenKosi. Aike, umuntu akazititinyele indaba yake, ab'es'eti uma 'enze njalo, adhle isinkwa lesi, apuze isitsha lesi. Ngobapela odhla, opuza engafanelwe uyazidhlela, uyazipuzela ukuqeza, loku eng'ahlukanisi umzimba wenKosi* (nokudhla okung'ukudhla njena). *Kungako-ke kukona kinina abaningi aba'butakataka neziguli, abaningi-ke sebalala* (ubutongo bwafuti). *Kanti ukuba besizitetela indaba yetu ngokwetu, bala, ib'ingayikutetwa* (ng'umteti wecala ong'uNkulunkulu).[1]) Yiso isixabelelo okutiwa esika'Judas, njengoba naku kutiwa: (UJudas) *wat'ub'adhle ucezu, lapo-ke usatana wamngena.*[2]) Pela, owamukela ikomunione ez'azele ukuti kafanelwe, uyayipoqa inDodana ka'Nkulunkulu, eyihlalisa ngenkani ndawonye nosatana, ngobapela obusa enhliziyweni yomuntu onesono esibubisayo, ng'uye usatana.

Kakuko 'mfundiso yeBandhla eti, umuntu akateteleleki lesi 'sono. Kwazis' ukuti, nowenze lo'mhlolakazi wesono ngaengapel' itemba, qa, naye angabuya alungisane noNkulunkulu wake, ngobapela noJudas, uma waengapele itemba, ngaengatshonanga esihogweni.

Kodwa kuy'ingozi eyesabekayo. Ngesinye isikati uNkulunkulu uhlaulisa umuntu owenza njalo konamanje, esakwenza; enye into

[1]) 1. Kor. 11,26-31.—[2]) Joh. 13,27.

enqabile, ingqondo yab'enze njalo is'ifana nempumpute, inhliziyo yabo ifane netshe ezindatsheni zonke zokwompefumulo nezika-'Nkulunkulu.

827. Umuntu alungisele ukwamukela nangokwenza-ni na?

Umuntu alungisele ukwamukela nangokuba eżama impela ukulunga, nangokuba ekumbula ecabanga okutand' ukukunjulwa nokucatshangwa ng'osezauhlanganiswa nenDodana ka'Nkulunkulu.

"Ukuzama impela ukulunga" kuyakucazwa pambili ngamazwi ka'Papa uPius X.

Naku "okutand' ukukunjulwa nokucatshangwa":—ukukolwa, ukutemba, ukutanda; ukuzitoba, ukudabukela izono, ukutemba noko, ukuqinisa isibomu sokuti, mina 'Bani ngozama nokuzama ukuba ng'enze ukuti, ngiyeke, ngixwaye ukuti; ukuncenga; ukukuluma noNina ka'Jesu, nengelosi yokulondoloza, nabaMeli, ikakulu noBizo was'ezulwini, neziCwetshiswa neziNgelosi zonke, ukuze bona bonke basinxusele.

2.

Ukulungisela ikomunione ngokwomzimba.

828. Ukulungisela ikomunione ngokwomzimba *okuswelekile*, yikupi na?

Ukulungisela ikomunione ngokwomzimba *okuswelekile*, ng'ukuba kut'uma sokupakati kwamabili, umuntu angabe esadhla, esapuza 'luto oluy'into ġokudhliwa nokupuzwa, aze al'amukele.

1. Ukubema ugwayi ngamakala noma ngengqawe (ipipi) akuso ukudhla, akuso ukupuza; akuvimbeli-ke ukwamukela.

Ukupolomba, uma okuvela egwayini opolonjwayo kugwinywa ngamabomu, kuvimbela ukwamukela. Futi izazi zeBandhla zivumelene ngokuti, uma umuntu epolomba engakal'amukeli, wenza isono esingcono, nakuba engagwinyanga 'luto ngamabomu.

2. Abapansi kwokufa kabanawo umteto wokuzilela ikomunione. —Abagulayo, bengepansi kwokufa, banawo. Kodwa selo kwaba umnyaka 1906, uPapa umemezele umteto wokuti: Uma isiguli esesinenyanga silele pansi s'ahluleka ukuzilela ikomunione, sing'amukeliswa kabili ngenyanga noma sipuze okutile (nokunjengomhluzi wenyama).

829. Kufanele ukuba oyakwamukela ikomunione 'enze-ni futi na?

Kufanele ukuba oyakwamukela ikomunione afike egezile, egqoke ngobunono.

Nalapo umpriste eletela umuntu ogulayo iSakramente leli eliy'ingewele kakulu, kufanele impela ukuba afumane indhlu ilungisiwe, ihlotshisiwe.

3.

Ukwamukela.

La isikonzi sesitsho uKonfiteor, bonke abazakwamukela kabazitsholo nabo.

La umpriste es'ebakulekela, ebahlahlamelisa, kabatshaye isipambano, njengoba naku behlahlameliswa.

La umpriste epete isinkwa esipendukisiweyo ngesandhla, eti: Ecce Agnus Dei . . . » ukuti nje: « *Nansi imVana ka'Nkulunkulu! nansi Yona esusa izono zomhlaba!* », ababeke Yona, njengoba naku beyitshengiswa.

Besebetshaya isifuba katatu, njengoba umpriste epinda katatu ukuti: Domine, non sum dignus . . . », ukuti nje: « *'NKosi, angifanele ukuba ungene ngapansi kwopahla lwami, kepa yitsho ngomlomo nje, kona kuyakusinda umpefumulo wami.* »

Uma umuntu es'efikile lapo la kwamukeliswa kona, akakulekele inKosi ngokuguqa nga'dolo linye. Uma es'eguqe, lapo 'amukeliswa kona, akabambe indwangu yakona, ayiti ta, yikona koti, uma nga kuwa isinkwa esipendukisiweyo, siwele endwangwini, singaweli pansi.

Uma umpriste es'efikile kuye, akapakamise ikanda, aveze ulimi, engaqolozele, ab'es'eti, uma isinkwa esipendukisiweyo sesibekwe olimini, avale umlomo. Ukuguquka kwake, abuye akuleke ngokuguqa nga'dolo linye, ab'es'ebuyela endaweni yake.

Ukwamukelisa, umpriste uti: *Umzimba wenKosi yetu uJesu 'Kristo ikulondoloze, uze utoliswe ukupila kwapakade. Amen.* » La es'etsho njalo, uyamhlahlamelisa ngawo.

Ukuya nokubuyela lapo kwamukeliswa kona, kungakuhle ukuba kuhanjwe izandhla zihlangene ngas'esifubeni. Futi makuhanjwe ngokuhlonipa nokutoba okukulu; e! nensizwa nendoda, e! nenkosi uqobo ingahlonipa, izitobe pambi kwenKosi yamakosi, funa itshaywe isilima, kumbe umuntu ongena'sizota.

La isinkwa esipendukisiweyo sesis'emlonyeni, umuntu ang'epuzi ukusigwinya; ngoba osincibilikisela emlonyeni, akadhlile umzimba, akapuzile igazi lika'Jesu, loku ukudhla okusala emlonyeni kunge ukudhla okudhliwe, ngoba kung'ehlanga.

830. La umuntu es'amukele ikomunione, 'enze-ni na?

La umuntu es'amukele ikomunione, akahlale isikati esitile, akulume nenKosi yake.

1. Abonge. Ancenge noNina wenKosi noBani noBani neziCwetshiswa neziNgelosi zonke nje, ukuze bona bonke bambongele. Abuye adabukele izono zake, ayitembise inKosi ukuti uzaulungisa. Ancenge ukwelatshwa, acele amandhla, ikakulu ixotsho lokuqinisela. Anxusele nabanye: abasekona, asebeng'amakolwa nabangeyiwo, nasebafa. Azame ukuzuza iziyekelo.

Kuyabonakala ukuti, kubi ukuba umuntu at'esafika nje, amukele, uma kungayi ngokuxakeka. Kanjalo kubi futi kakulu ukuba umuntu at'uma amukele qede, apume ahambe nje.

2. Lonke ilanga, umuntu amukele ngalo, ak'enzise okwodhle kwa'Nkulunkulu. Abat'uma bamukele ekuseni, baye ematshwaleni, badakwe ntambama, kumbe bahambe bashinge ngokuti nangokuti, kuyabonakala ukuti b'enza kabi ngohlobo.

4.

Ikomunione al'amukelwe nini?

831. Umuntu adhle, apuze nini inyama negazi elibongile lenDodana ka'Nkulunkulu na?

Kuhle ukuba umuntu adhle, apuze inyama negazi elibongile lenDodana ka'Nkulunkulu imihla ngemihla, njengoba nokudhla kwomzimba ekudhla, ekupuza imihla ngemihla.

1. Naku kutiwa esiMemezelweni sika'Papa (1905):—

«Amakolwa as'endulo, ati eqondisisa ukuti kuy'into etandwa ng'uNkulunkulu, aegijigijima *yonke imihla* azodhla lesi 'sidhlo esipilisa, esikalipisa abantu. Naku! Kutiwa encwadini yokwEnza kwabApostole: "(Abasebekoliwe) *babeyiloku bebambelela k'okwafundiswa abApostole, nas'ekuhlanganeni lapo kuhletshulwa kona isinkwa.*"*) Kwati-ke seku'makulukulu eminyaka iBandhla lamiswa, amakolwa ab'eseyiloku 'enza njalo, nembala ab'esaqubekela kakulu nje ekulungeni nas'ekucwebeni; yiko pela okubonakala ezincwadini zaoYise beBandhla nezabaBali balo.»

2. Kutiwa futi kona lapo:—

«Umhlangano oy'ingcwele was'eTrento . . . wati: "Ub'utanda wona . . . . ukuba *amakolwa 'amukele ikomunione njalo, uma elapo la kugcinwa kona imissa,* al'amukele ngempela, ai ngokwomoya nje." Kuy'ezwakala ngaleli ukuti iBandhla liyafisa lona ukuba *onke* amakolwa adhle *yonke imihla* lesi 'sidhlo sas'ezulwini, yikona ezauqubekela njalo ekulungeni.»

3. Nant' elinye lakonalapo:—

«Kwakungekanye, kungeka'lufifi nje futi, uKristo ekomba, ukuti abantu ngabevama ukudhla inyama yake nokupuza igazi

*) Enz. 2, 42.

lake, ikakulu la eponsa elokuti: "*Yiso isinkwa es'ehle sivel' ezulwini. Akunjengaloku okoko benu babedhla umanna, bafa-ke* (noko). *Osidhla lesi 'sinkwa, uyakupila kuze kube pakade.*"*) Njengoba-ke into owaelinganisa ngayo y'isinkwa nomanna, abafundi bake babengaqonda kalula ukuti: Njengoba umzimba upila ngokudhla isinkwa **imihla ngemihla,** nanjengoba abakwa'Israel, bes'ehlane, badhla umanna **imihla ngemihla,** kanjalo nompefumulo wekolwa ungapila ngokudhla lesi 'sinkwa sêngelosi **imihla ngemihla.** Futi nans' inKosi iti, emkulekweni owaqanjwa iyo asicele "isinkwa setu **semihla ngemihla**"; ke, oYise beBandhla, imvama yabo bati, isinkwa esikonjwa kakulu ngaleli'zwi, yiso lesi esil'iSakramente las'elatini, ai leso nje kupela umzimba opila ngaso.

832. Ukuze ikomunione l'amukeleke imihla ngemihla, kusweleke-ni na?

Ukuze ikomunione l'amukeleke imihla ngemihla, kuswelekile ukuba umuntu abe nexotsho elicwebisayo, ab'esenenhliziyo yokuzamela ukulunga.

1. Yiko osekw'ezwakala ku'*numbers* 824 & 825. Kwazis' ukuti ukuvuma *kuswelekile nje,* la kwenziwe isono esibubisayo.

2. Ngokuba nenhliziyo yokuzamela ukulunga, kutiwa kuleso 'siMemezelo: **Inhliziyo** eqoto, **eyiyo,** umuntu unayo uma, ukwamukela kwake, eng'enziwa umkuba nje, kumbe ukuzidhla, kumbe ukubonela, nokwesaba abantu nje. **Unayo**-ke uma, ukwamukela kwake, 'enzel' ukwenza akwenamelayo uNkulunkulu, 'enzela ukutiwa ne noNkulunkulu ngotando, 'enzela ukuz'elapa, ubutakataka bwake, 'enzela ukusula amacadhlana anawo. —Kuy'ezwakalake ukuti, nosaxakwa ubutakataka bwake, esawa, angal'amukela imihla ngemihla, uma ekwenza ngoba efun' ukuvukela pezulu nokwahlula okusamwisayo. Kungako-ke kutiwa kuleso 'siMemezelo: Into ebangwa ng'uJesu neBandhla lake, bayabanga ukuba amakolwa, at'etiwe ne noNkulunkulu ngekomunione, *afumane amandhla okunqoba ugovana,* abe nesu lokusula amacadhlana awatola imihla ngemihla, *aze avinjelwe izono ezibubisayo,* umuntu angaz'enza njalo ngobutakataka anabo. . . . Kwenziwa yiloku ukuba umHlangano was'eTrento uti: "*Ikomunione* eliy'ingewele ling'umuti esihlanzwa ngawo amacala esiwatola imihla ngemihla, *ng'umuti esivinjelwa yiwo ukwenza izono ezibubisayo*". Kwazis' ukuti b'enza kabi abati, ngelanga lokuti, ngezinsuku zokuti, ngenkati yokuti kabafuni ukwamukela ngoba besafuna ukwona, inganti naku! bebezauvinjelwa ukwona ngalo ikomunione.

*) Joh. 6, 59.

3. Kube njani-ke, uma umuntu es'enza *izono ezingcono*, na? Naku kutiwa: «Kwanele ukuba umuntu angabi na'sono esibubisayo nokuba abe nesibomu sokuti, mina 'Bani angisafuni ukwenza 'zono nanini; uma-ke kukona esinjalo isibomu esiyiso, abal'amukela imihla ngemihla *bayakupelelwa kancane kancane naizono ezingcono, bapelelwe nainhliziyo nje yokuz'enza.*

Angazami-ke yini ukuyeka nezono ezingcono na? Naku kutiwa: «Ukuba umuntu, ol'amukela ikomunione kaningi noma imihla ngemihla, angabi na'zono ezingcono, ikakulu n'az'enzayo 'azisisa ukuti yizo (*number* 674), nokuba apelelwe inhliziyo yokuz'enza futi, *kuy'into enhle, efanele kakulu kambe.*»

4. Nans' enye into eswelekile ngokutsho kuka'Papa: «Kuswelekile kambe ukuba umuntu otanda ukwamukela kaningi noma yonke imihla **abuze ku'mpriste avuma kuye,** yikona engayikuduka, afumane nomvuzo wokulalela.» Kakade, ngoba eBandhleni, emHlambini ka'Jesu, yonke imvu nemvana inomalusi wayo.

Kodwa into ekona, abapriste abavumisayo, bona abayikuvimbela 'muntu ukwamukela ikomunione kaningi nemihla yonke nje, inganti bona, bey'izinduna zeBandhla, bayafisa nokufisa ukuba amakolwa 'enze njalo, e! bona bangamquba umuntu, bamtume, bati, akal'amukele imihla ngemihla. Futi bayaw'azi umteto wabo ozwakele kusona leso 'siMemezelo, wokuti: «Kanti mabaxwaye abapriste abavumisayo, bangavimbeli 'muntu neze ukuya'kwamukela, umuntu belu ofunyaniswa enalo ixotsho elicwebisayo, enayo inhliziyo eqoto, eyiyo.»

5. Ngako-ke umuntu ol'ikolwa ak'enze njani na?

Akaqale azibuze ukuti:—(1) Konje inhliziyo yokuba l'ikolwa eliyilo ikona kimina na? (2) Isibomu sokuyeka nokuxwaya izono ezibubisayo, sikona enhliziyweni yami na? noma nga ngiwile, ng'enze isono esibubisayo, ngibuya ngivukela pezulu konamanje na? ngoba ukumala nokumyeka uNkulunkulu wami, angikufuni noko na? nangoba ukusindisa umpefumulo wami, ngiyakufuna noko ngempela na? nangoba ukulwela nokuhlupekela ixotsho elicwebisayo, nginayo inhliziyo yokulilwela nokulihlupekela na?

Ati-ke, uma ukutitinya kwake loku, etemba ukuti angati, yebo, kukona konke loku kimina, akatsho ku'mpriste avuma kuye, ukuti uyatanda ukwamukela ikomunione imihla ngemihla kumbe kaningi. Umpriste ab'es'emvumela.

Ati-ke, uma sebevumelene nompriste, akaye'kul'amukela zonke izinsuku, uma ekwaz' ukuya esontweni zonke izinsuku.—Uma 'ahluleka ukuya esontweni zonk' izinsuku, akal'amukele ngazo zonke aya esontweni ngazo.

Ukuvuma, ak'enze njani na? Avume njalo, la 'azi ukuti wenze isono esibubisayo.—Os'eyiloku elondoloza ixotsho elicwebisayo akavume inkati ngenkati, njengokutsho kwompriste avuma kuye.

6. La abantu beti, *ukwamukela njalonjalo kunomuva omubi*, batsho into abangay'azi. Ngoba os'eqonde akutshoyo uPapa uy'azi ukuti "ukuba neva lokwamukela" ng'"ukuba nenhliziyo eqoto, eyiyo." Ke, oneva lokwamukela, ukwamukela kwake akuyikuba na'muva omubi.

7. Ikolwa eliyilo lingavama *ukwamukela ikomunione nangokwomoya*, ngokulangazela belu ukul'amukela ngempela, ngoba nekomunione elinjalo lingasiza kakulu.

833. Umntwana osabatshatizwa aqalise nini ukwamukela ikomunione na?

Umntwana osabatshatizwa aqalise ukwamukela ikomunione, la es'ekulakulile, es'ehlakahlakanipile.

1. Imvama yabantwana babantu, ukuhlakahlakanipa loko banako uma *sebe'minyaka e8 kumbe el'i9*. Kodwa kungaba kona asebenako, noma besengapansana kwale'minyaka; kungaba kona nabangakabi nako, noma sebenayo le'minyaka.

2. *Abanomteto wokunaka ukuba izingane ziqalise ukuvuma nokwamukela*, yibapi na? Yibo bonke abazipeteyo îngane: "abazali, umpriste ingane evuma kuye, abayifundisayo, nompriste opete isikolo sakubo." Utsho njalo uPapa esiMemezelweni sangonyaka 1910.

3. "*Abanqamula indaba yokuti ingane is'iyafanela ukuqalisa ukwamukela*, ng'uyise wengane kumbe abambambeleyo (uma engaseko) nompriste ingane evuma kuye." Kutshiwo njalo kusona leso 'siMemezelo. Kutiwa futi:

4. "Ukuqalisa ukuvuma nokwamukela, akuswelekile ukuba ingane ib'is'iqondisisa zonke izindaba zokolo. . . . Ukwazi . . . okufuneka enganeni, ukuze ikwazi ukuzilungisela ikomunione lokuqala, kuyabonakala ukuti, ingane ngaiz'azi lezo 'zimfihlo zokolo, umuntu angesinde engaz'azi, iz'azi belu njengokwazana kwayo; futi ngaikwaz' ukuqonda ukuti isinkwa esipendukisiweyo asi'sinkwa esiy'isinkwa nje, okupila ngaso umzimba pela, yikona izaul'amukela ikomunione ngenkumbulo nangenhlonipo elingene nobudala bwayo." Ab'es'eti uPapa:

5. "**Kanti uma ingane is'iqalisa ukwamukela ikomunione, imelwe ukufundafunda lonke ikatekisi.** njengoba ingqondo yayo iqubaqubekela, **ize iqede lona lonke.**" Kungako-ke, ubuya uti kusona leso 'siMemezelo: "Abazipete izingane mabakumbule **nomteto lowo, obabopa kanzima impela.** wokuti, ngabenakekela

ukuba izingane, la seziqalise ukwamukela, zibe ziseyiloku zifika la kufundiswa kona ikatekisi: kut'uma kung'enzeki loku, bazilungisele ukufundiswa izindaba zokolo ngenye indhlela."

Kwazis' ukuti indaba yokuqalisa ukwamukela iyodwa, neyokuqeda ukufunda iyodwa. Kwazis' ukuti ingane engaqedi ukufunda kwayo iy'ona, ize ingabe isateteleleka, uma ingaqedi ukufunda kwayo. Kwazis' ukuti nabapete ingane bay'ona, uma benganakekeli ukuba iqede kahle ukufunda kwayo, baze bangabe besateteleleka uma bengalondi lo'mteto onzima impela (*number* 567).

6. "Umpriste opete isikolo uyakumemezela kanye ngonyaka, kumbe nangezinye izikati nje, ukuti, ngosuku lwokuti izingane ziyakwamukeliswa ikomunione. Kodwa, akuyilabo abasaqalisa ukwamukela bona bodwa, abayakul'amukela ngalolo 'lusuku; yilabo futi asebal'amukela kuqala ngokutsho kuka'yise wengane noma ngokwompriste ingane evuma kuye, njengoba kade kutshiwo. Zombili înhlobo ngazifundiselwa ukwamukela, ngazilungiselwa kona izinsuku ezitile."

7. "Abapete izingane ngabenakisisa ukuba zonke izingane lezo, la seziqalisa ukwamukela, zipindapinde ukul'amukela, nokuba zil'amukele yonke imihla uma kwenzeka kambe, njengoba uJesu 'Kristo noMame ocwebileyo, iBandhla, befisa ukuba kwenziwe njalo; futi banakekele ukuba zil'amukele ngenkumbulo nangenhlonipo elingene nobudala bwazo."

834. Umuntu uy'ona kakulu, uma eng'amukeli ikomunione la enjani na?

Umuntu uy'ona kakulu, uma eng'amukeli ikomunione la epansi kwokufa, 'ala pela nokunikwa "umpako wendhlela" eya kwelipambili.

UJesu wati: *Ngiqinisile, ngiqinisile ngiti kinina: Uma inyama yenDodana yomuntu ningayikuyidhla, negazi layo ningayikulipuza, akuyikubako 'kupila kinina. Odhla inyama yami, olipuza igazi lami, unako ukupila kwapakade; mina-ke ngimvuse ngosuku lwokugcina.**) E! Osuk' ala ukuba adhle, apuze inyama negazi layo, nakona epansi kwokufa, akafuni ukupila kwapakade, okwas'ezulwini belu. Ngako-ke kasel'ikolwa. E! Njengomteto weBandhla, onjalo kana'kulahlwa njengekolwa, uma es'etshonile.

835. Umuntu uy'ona futi kakulu, uma engalondi umteto weBandhla wokuti-ni na?

Umuntu uy'ona futi kakulu, uma engalondi umteto weBandhla wokuti: "Y'amukela ikomunione, okungenani ngenkati yepasika!"

*) Joh. 6,54-55.

1. Pela, sokuzwakele ukuti, kuhle, kufanele ukuba umuntu al'amukele ikomunione kaningi, e! nemihla ngemihla. Kepa, ukuba ikolwa liputa ukul'amukela nangenkati yepasika ngelalo icala, kwazis' ukuti, selizitele ndawonye nezihlubuki namaqaba. (Umteto wesi4 weBandhla epejini 405.)

2. Aike, kus'obala ukuti umuntu owabatshatizwa es'ekulile, unomteto wokugcina lo'mteto weBandhla ngenkati yepasika elandelana nokubatshatizwa kwake, ngoba ng'eyokuqala emfumana es'ebatshatiziwe. Kanjalo uma umntwana obatshatiziwe wapuma esikoleni engaqedanga ukufunda, unomteto impela wokufuna ituba lokufundiselwa ukwamukela ikomunione.—Umuntu-ke okulile, owat'ebatshatizwe epansi kwokufa wabuya wasinda, unomteto wokufunda njalo, yikona ezaulungela ikomunione lokuqala ngenkati ayibonayo umpriste.—Uma umuntu efunyaniswa engalungiseli ngelake icala ukwamukela ikomunione lokuqala, akatetelelekinaku'Nkulunkulu.

3. Owala ukuba 'amukele ikomunione kungey'inkati yepasika, 'ala nakona ekuswele ngenxa yokwahlula ukwona, nompriste ayuma kuye etsho njalo, ang'ona, ang'enza nesono esikulu ngokwala kwake. UJesu wat'esishiya naloko 'kudhla, w'enzela ukuba sikudhle yikona singayikupelelwa amandhla sife. Po-ke, bekuzautiwa-ni ngomuntu ozibonela ukuti, ukufa kwake, uyafa ngoba ebulawa indhlala, nabanye abantu bemtshela ukuti kunjalo; ab'es'eti, uma enikwa ukudhla, 'ale ukuba akudhle, angiti uyazibulala ngamabomu na?

VI.

Ukwakelana kuka'Jesu nati.

836. ISakramente lokubonga libizelwa-ni nangokuti "elas'elatini" na?

ISakramente lokubonga liyabizwa nangokuti "elas'elatini", ngoba liy'enzeka kona, nangoba lihlezi kona.

837. NgeSakramente las'elatini kwenzeka isimangaliso sini na?

NgeSakramente las'elatini kwenzeka isimangaliso sokwakelana kuka'Jesu nabantu lapa emhlabeni.

Aike, etenteni lesiVumelano (T. d. 40) nas'etempeleni (T. d. 65) uNkulunkulu wahlala ngesimo sefu; e! indawo owaehlala kuyo, kwatiwa, y'"indawo ey'ingewele ewe". Kwati-ke, uba isiVumelano esidala sipele, uJesu es'ebongile onqamlezweni, indwangu eyaifihle indawo ey'ingewele ewe yaklebuka, ngoba uNkulunkulu

waes'emuka kuyo, ifu lelo lingaseko.—Emasontweni esiVumelano esitsha akuse'lifu, sekuy'isimo sesinkwa, lapo kuhlala kona inDodana ka'Nkulunkulu, ehlezi ku'bantu bake immini nobusuku imihla naizolo, 'akelene belu nabo. UMoses wati ngesakwa'Israel: *Akuko 'sizwe na'sinye esingangesakwiti, ngoba asiko esinaonkulunkulu abasondela eduze naso, njengaloku nang'uNkulunkulu wetu ukona lapo la sisuka sikuleka kona.*» [1]) Kakulu kangakanani singatsho njalo tin' amakolwa eBandhla eliyilo lika'Jesu, oqinisele elas'endulo lelo lika'Nkulunkulu lokuti: *Okukolisa inhliziyo yami, ng'ukuhlala nabantwana babantu.*» [2])

E! Ukuba usuk' ungena esontweni lamaProtestante, umfune uJesu la ehlezi kona, womfumanisa engeko, loku emabandhlabandhleni onke lawo kungaseko nelilodwa elisenalo iSakramente las'elatini. E! Wona apambuka ku'Jesu, noJesu wapambuka kuwo.

838. Njengoba uJesu 'akelene nati, kufanele ukuba tina s'enze njani na?

Njengoba uJesu 'akelene nati, kufanele ukuba tina simkumbule la 'ake kona, sivame ukumhambela, ikakulu nalapo ehlahlamelisa.

1. Uma ungena esontweni lakiti, ungabona ngani ukuti iSakramente las'elatini likona na? Ungabona *ngelampu okutiwa "elapakade"*, ngoba kukona umteto wokuti, lapo kukwezwa kona iSakramente, kukanye kona ilampu njalo, immini nobusuku, njengoba nas'etenteni lesiVumelano nas'etempeleni *ilampu eli'mbaqa 'zi'nkota* lalikanya njalo endaweni ey'ingcwele cwe.

2. La isihlahlameliso s'enzeka ngeSakramente las'elatini, kus'obala ukuti, aku'mpriste ohlahlamelisayo, ng'uye uJesu uqobo.

3. Ukuhlonipa, la kukona iSakramente las'elatini, kuy'ezwakala ukuti umuntu os'eqonde into ekona, angahlonipa impela: at' engena, akuleke ngedolo; 'enze njalo nalá edhlula lapo likona, nalá es'emuka futi. E! Nodhlula ngapandhle kwesonto ngalapo, la iSakramente likona, angabingelela inKosi ngokuy'etulela isigqoko kumbe ngokuyikotamela.

4. Kuyabonakala ukuti amakolwa ayiwo angazama nokuzama ukuba inKosi yawo ay'akele izindhlu ezinhle eziyifanele, nokuba ahlobise zona lezo 'zindhlu zayo, ebambelela kwelika'David lokuti: *'NKosi, ngiyatanda ukubukeka kwendhlu yako.*» [3])

5. La kuzungezwa neSakramente, kufanele impela ukuba amakolwa akusebenzele ngokulungisa indhlela, ngokwaka amalati,

[1]) 5. Mos. 4,7.—[2]) Ag. 8,31.—[3]) Hlab. 25,8.

ngokuhlobisa, nangani. Kufanele futi ukuba apelele onke la sokuzungezwa, nokuba azihlele ngenhlonipo enkulu impela.

Njengaloku yonke indaba yeSakramente lokubonga is'izwakele, singabuza ukuti *uJesu walimisela-ni na?*

1. Walimisela ukuba abe nesu lokus'amukelisa owaesisebenzele kona ngokubonga onqamlezweni.

Onqamlezweni sasetshenzelwa kwakanye, njengoba nomuti, ukutshalwa kwawo, utshalwa kanye nje. Elatini, ngokuba kupindwa okwas'onqamlezweni, siy'amukeliswa esakusetshenzelwa, njengoba, ukuvuna izitelo zomuti, singazivuna yonk' iminyaka. Ukubonga kwas'onqamlezweni, nakuba kung'abantu bonke ababebongelwa kona, noko ababekona, lapo kwabongwa kona mhla kwabongwa, babey'ingcozana; ab'amukeliswa-ke ngempela okwasetshenzwa kona, bay'ingcozana kakulu. Naku-ke ukubonga kwas'elatini, kul'isu lokuba abantu, noma bezalwa nini noma bezalelwa-pi, bapindelwe okwas'onqamlezweni, yikona nabo beyakwaz' ukuba kona, lapo kubonga kona inDodana ka'Nkulunkulu, nabo bakwazi-ke ukwamukeliswa ababekusetshenzelwa lé onqamlezweni.—Sekw'ezwakala ku'*number* 172 ukuti aku'nkomo nani eyabonga onqamlezweni, kuyiyo inDodana ka'Nkulunkulu uqobo. Kunjalo nas'elatini. Futi aizibongeli Yona, isibongela tina, ing'*eyetu into* esibonga ngayo, *elingene nesimbongayo.* Ngako-ke, noma sibongela *ukudumisa nokukulekela* uNkulunkulu, noma *ukutshweleza nokuhlaula,* noma *ukubonga* ngokuhle esikutolile, noma *ukucela* esikuswelayo ngompefumulo nangomzimba nangomhlaba, asis'ahluleki, sekuyitina esikwaz' ukwahlula uNkulunkulu. E! Nansi-ke into esekela itemba lomuntu ol'ikolwa, **noma kuti-ni.** Kungako-ke, sati emtetweni woku1 ka'Nkulunkulu, umuntu omnyama os'el'ikolwa, kasweli 'dhlozi, kasweli 'sangoma, kasweli 'muti wa'mhlola, kasweli 'muti wa'nhliziyo, kasweli 'luto pela lwobuqaba bwonke lobo obumnyama.

Inana lokubonga kwetu elatini, njengelokwas'onqamlezweni futi, kalina'mkaulo kambe. Kodwa tina esing'abantu nje sing'amukeliswa into ngento njena; kungako-ke sipindapindelwa njalo ukubonga kwas'elatini.

Futi njengoba kung'abantu *bonke* (*number* 255) ababongelwa onqamlezweni, kuyibo *bonke* abazanyelwa nas'elatini, noma bey'ini, noma benjani, noma bepi, noma bekoliwe, noma bengakoliwe, noma bekwazi, noma bengakwazi, noma betanda, noma bengatandi, noma besekona, noma sebafa (bes'esihlanzweni). *Ab'amukeliseka ngempela* konke loko esakusetshenzelwa onqamlezweni, yilabo

bonke abomzimba nompefumulo weBandhla (*number* 360). *Ab'amukeliseka kakulu,* yilabo abafike lapo kubongwa kona nabati b'ahluleke ukuya kona, balangazele ukuya nokutola okutolwa ng'abayile. *Ab'amukeliseka kakulu kunabo bonke abanye,* kung'umpriste obongayo, nabambongise ngokuba bekipe umnikelo wemissa, nabas'esihlanzweni abati beselapa emhlabeni, bashiya iminikelo yokubongelwa, nabakitshelwa abanye iminikelo enjalo.

2. *Walimisela ukuba abe nesu lokus'ondhla.* Angiti emaqabeni, la sekubongiwe kwa'Bani, bonke abalapo bayayidhla inyama ebongile, bayapuza notshwala obubongile! Kukona noyedwa yini ongashiya, adelele loko 'kudhla, amuke engadhlanga, na? Po-ke, uma amaqaba 'enza njalo, wona edhla okuka'satana, angiti tin' amakolwa singadhla okubongile uNkulunkulu ong'uye bo, singamuki lapo kubongwe kona singakudhlanga, singakushiyi, singakudeleli loko'kudhla, inDodana ka'Nkulunkulu es'ondhla ngako!

3. *Walimisela ukuba abe nesu lokwakelana nati lapa emhlabeni.* Angiti wonk' umuntu, omnyama nomhlope nonjani, angati, kuy'into enkulu uma etandwa inkosi yakubo, uma emenywa kutiwa ahambele kwayo, akulume nayo, ayilibazise, aze axotshiswe iyo. E! Nansi inKosi yamakosi, uNkulunkulu nomSindisi wetu, isivumele ukuba siye kwayo, sikulume nayo kona, sizikalele kuyo, singaze samuka singaxotshiswanga 'luto. Ungaboti, wena 'Bani, kangiyiboni kona ngamehlo, kangiyizwa ngêndhlebe; Yona iyakubona, yona iyakuzwa, nokukuluma iyakuluma, nokuxotshisa, iyakuxotshisa.

4.

Impendukiso.

839. Isakramente lempendukiso, uJesu walimisa ngokuti-ni na?

Isakramente lempendukiso, uJesu walimisa ngokuti: "Eniyakubatetelela izono, bayakuzitetelelwa; eniyakubasalisela izono, bayakuzisaliselwa."

Evangelini lika'Johannes naku kulandwa ukuti: *Kwat'uma sekuhwalala ngalelo 'langa, ngomsombuluko belu* [ngesonto owavuka ngalo kwabafileyo (*number* 530,1)] *izivalo zalapo la abafundi babebutene kona zivaliwe, b'esaba pela amaJuda, wafika uJesu, w'ema pakati, wati kubo: "Uxolo alube kinina!" Wat'es'etshilo njalo, wabatshengisa izandhla nohlangoti. Bajabula-ke abafundi, beyibona inKosi. Waes'ebuya wati kubo: "Uxolo alube kinina! Njengaloko uBaba etume mina,*

nami ngituma nina". *Wat'ub'atsho njalo, wapefumulela kubona, wati: "Y'amukelani uMoya ocw.; eniyakubatetelela izono, bayakuzitetelelwa; eniyakubasalisela izono, bayakuzisaliselwa.*» *) *Numbers* 187, 258.

Lapo-ke kwasekwenzeka owaebatembise kona kakade—*numbers* 251 & 253.

840. Ngaleli kuzwakala ukuti uJesu wab'enza-ni abApostole na?

Ngaleli kuzwakala ukuti abApostole uJesu wab'enza abateti bamacala abantu.

841. Ngalona leli kuzwakala ukuti abatand' ukutetelelwa izono, kuswelekile ukuba b'enze-ni na?

Ngalona leli kuzwakala ukuti abatand' ukutetelelwa izono, kuswelekile ukuba balande izono zabo, bazilandise abateti bamacala.

Ngani na? Ngoba akutiwa, ng'uNkulunkulu oyakutetelela kumbe asalisele; kutiwa bona abApostole bayakutetelela, kumbe basalisele abantu izono. Ke, abApostole babeng'abantu; ukwazi konke, njengaye uNkulunkulu, babengenako. Po-ke, ukunquma ukuti, ubanibani atetelelwe kumbe asaliselwe izono, babengaquma yini, bengay'azi indaba yezono na? Qabo, kwasweleka ukuba b'aziswe yona. Bay'aziswe ubani? Bay'aziswe umnini-'ndaba, yena lowo belu otand' ukutetelelwa izono az'enzile.—Kwazis' ukuti uNkulunkulu wazifunela lapa emhlabeni abantu aboba *indhlebe* yake, *umlomo* wake, *isandhla* sake, bamtetele amacala abantu abawatola kuye.—*Numbers* 370-372.

842. Kubonakala ngani ukuti uJesu, wat'etsho njalo, akakombanga umbapatizo na?

Ukuti uJesu, wat'etsho njalo, akakombanga umbapatizo, kuyabonakala ngokuba embapatizweni umuntu, uma ezalwa ng'uNkulunkulu, uhlanzwa zonke izono zake kungatetwa 'cala.

843. Ngako-ke wat' uJesu, uma etsho njalo, wakuluma ngazip' izono na?

Wat' uJesu, uma etsho njalo, wakuluma ngalezo 'zono, umuntu angaz'enza es'ebatshatiziwe.

844. Ng'aobani abasenamandhla okutetelela abantu izono na?

*) Joh. 20,19-23.

Abasenamandhla okutetelela abantu izono, ng'ababishopu nabapriste abalandelana nabApostole ngomteto.

Numbers 270, 275, 308, 310, 336, 337.

1. EsiVumelanweni esidala uNkulunkulu uqobo wavumisa uAdam noEva isono sabo, noKain, noDavid. Futi wamisa umteto ukuba abakwa'Israel, la b'enze izono, b'etule into yokutshweleza, besebeti uma bebongelwa abapriste, bavume izono zabo.[1])—AbApostole babevumisa abantu.[2])—Ukuti nas'emihleni yabaFundi babApostole nangas'emva kwabo amakolwa aevuma izono zawo ku'babishopu nabapriste nokuti batetelelwa yibo, kuzwakala ngezincwadi zaoYise nabaBali beBandhla. *UOrigenes* uti: "Uma, ukuvuma kwetu izono, singazivumanga nje ku'Nkulunkulu kupela, sizivumile nakwabanamandhla okwelapa amanxeba nezono zetu, izono zetu ziyasuswa."[3]) *UCyprian* ocw. uti, abang'amakolwa nje, noma beng'abaFelukolo, kabana'mandhla okutetelela izono; uti, ab'amukela ikomunione bengavumanga, bengatetelelwanga kuqala, bayayipoqa inyama negazi lenKosi; uti, b'enza kahle abavuma ku'bapriste nezono abaz'enze ngokucabanga nje.[4]) Kwenye incwadi yas'endulo kutiwa; "Uma izibopo zako zingatukululiwe, hamb' uyokuz'etula ku'bafundi baka'Jesu. Ngobapela bakona abasitukululela zona, betole amandhla okwenza njalo enKosini ngokuti: "Eniyakubatetelela izono zabo . . ."[5]) *UKlemens* okutiwa owas'eRoma, uPapa, uti: masipenduke, silungise siselapa emhlabeni, ngoba kwelipambili "akusavumeki", akusapendukeki.[6]) *UTertullian* uti, uma umuntu 'esaba ukuvuma izono ku'muntu ngoba ezijaba, ukujaba loku kuzaumtshonisa esihogweni.[7]) Aike, siyakaula lapa.

2. Lą induna inikiwe y'inkosi yakubo amandhla okuteta amacala, ingetete 'cala la'muntu uma inganikwanga izwe nesigodi lapo izauteta kona. Kanjalo asebenawo amandhla okuteta amacala esakramenteni lempendukiso ngokuba sebamiswa, seb'amukeliswa belu ubupriste, bangetete 'cala la'muntu, bangevumise pela, "bengatunywanga", benganikwanga izwe, lapo bezauteta kona. Kungako-ke kutiwa emtetweni wesi3 weBandhla: Vuma izono zako ku'mpriste *ovunyelweyo* . . .»

3. Okwamabandhla avela ebandhleni lamaGreke kuku'*number* 331,1(b). OkwamaProtestante kuku'*numbers* 331, 2&3; 339, 344. Lawo 'maProtestante, ati, kwanele ukuba umuntu avume izono zake ku'Nkulunkulu, ngaeqinisile, uma uJesu eb'engaponsanga

[1]) 4. Mos. 5,6-8.—[2]) 1. Joh. 1,9. Jak. 5,16. Enz. 19,18.—[3]) Hom. in Luc. 17.—[4]) De lapsis 18; cap. 16. 28.—[5]) Ed. Migne III. 183.—[6]) Ad Cor. 1,51.—[7]) De Poen. c. 3. 10..

lelo'zwi lokuti: Eniyakubatetelela izono . . . , njengoba sesimuzwile uOrigenes, ikolwa las'endulo impela, eti: Uma ukuvuma kwetu izono, *singazivumanga nje kupela ku'Nkulunkulu, sizivumile nakwabanamandhla okwelapa amanxeba nezono zetu,* izono zetu ziyasuswa.»

I.

Impendukiso iyilo iSakramente.

845. Empendukisweni isikombiso esibonakalayo nesizwakalayo, yisipi na?

Empendukisweni isikombiso esibonakalayo nesizwakalayo ng'ukutetwa kwecala: ukulanda belu kwonecala nokuteta kwomteti walo, aze ati: «Mina ngiyakutetelela izono zako ngegama lika'Yise benenDodana noMoya ocw. Amen.»

Ukuvuma izono ngomlomo kukomba ukuzivuma ngenhliziyo, nakutshoyo umpriste kuzwakalisa okwenzekayo empefumulweni. Kepa akuso ukukomba nje, kusetshenzwa okukonjwayo, ngobapela kutukululwa, kubotshwa ezulwini okutukululwa, okubotshwa umteti wecala lapa emhlabeni.

846. Ixotsho elingabonakali elisetshenzwa ngempendukiso yilipi na?

Ixotsho elingabonakali elisetshenzwa ngempendukiso ng'ukubuyiselwa ixotsho elicwebisayo, kumbe ukul'andiselwa, nokuxotshiswa insizo.

Kung'ukubuyiselwa ixotsho eliewebisayo, la belilahlekile (*number* 721). Kungako-ke kutiwa, impendukiso ng'"umbapatizo owenzeka kalukuni".—Kung'ukul'andiselwa, la belingalahlekile.—Kung'ukuxotshiswa insizo elungele ukusiyekisa impela ukwona nokungas'onisa, elungele futi ukus'enzisa okuhle.

E! Isitatu leso sikona:—ukumiswa ng'uJesu (*number* 839), isikombiso esibonakalayo, esizwakalayo (*number* 845), nexotsho elingabonakali.

847. Po-ke, isakramente lempendukiso liy'ini na?

Isakramente lempendukiso lil'isu lokutetelwa icala ngomusa lapa emhlabeni, yikona lingayikutetwa ngolaka kwelipambili.

Akufundwe lapa indaba yokutetwa kwecala kwelipambili, ikakulu okuku'*numbers* 191, 193-195, 224-227.

La seku uNkulunkulu uqobo oteta icala lomuntu, mhla efa nangolwokugcina, litetwa **ngenzondo yokubi** (*number* 211), kungaseko 'musa na'mhau. Lapo-ke **seku ukumnqumela okumfanele:** at'uma efunyaniswa eng'umntwana ka'Nkulunkulu ngoba efike nexotsho

elicwebisayo, anqunyelwe ifa lake las'ezulwini neholo lemisebenzi emihle yalapa emhlabeni; ati-ke uma efunyaniswa engesiye umntanake ngoba engafike na'xotsho elicwebisayo, anqunyelwe ifa lake esihogweni neholo lemisebenzi yake emibi yalapa emhlabeni.

Kepa la kuseumuntu ombambele uNkulunkulu lap' emhlabeni, la kuseumpriste belu oteta icala lomuntu esakramenteni lempendukiso, litetwa **ngomteto womusa nomhau,** loku kusey'isikati sokuvivinywa nesokulungisa. E! Umteti walapa emhlabeni ubambele *uyise wendodana elahlekileyo* (T. t. 47); ang'ahluleka nje uma indodana leyo ingabuyele ngempela, ngoba ingaqinisile la iti, *ibuyile ipendukile ekwoneni, ibuyele, ipendukele ku'Nkulunkulu.* Singati-ke:

Isakramente lempendukiso l'isakramente lomusa.

II.

Ukutitinya nokulanda indaba yezono.

848. Icala, noma litetwa uNkulunkulu uqobo noma induna yake, lingateteka nje ngokwazi nangomteto ka'bani na?

Icala, noma litetwa uNkulunkulu uqobo noma induna yake, lingateteka nje ngokwazi nangomteto ka'Nkulunkulu.

1. Umpriste ovumisayo ubambele uNkulunkulu "owazi konke", uy'indhlebe yake. Ke, uma okulandwa ng'umuntu ovumayo kungavumelene nokwazi kuka'Nkulunkulu, icala aliteteki. **Liteteka nje ngokuba kulandwa into ekona, yona yonke, yona yodwa.** Ukufihla, ukupika, ukuqamb' amanga namacebo namamenemene, nani nani, akusizi 'luto. Kwazis' ukuti icala lingateteka nje, uma ovumayo elanda yonke indaba yezono zake *njengoba ey'azi ukuti iy'aziwa nauNkulunkulu,* okwake ukwazi *kube kunye* nokuka-'Nkulunkulu.

2. Kungako-ke umpriste uyakolwa okulandwa ng'ovumayo. Uma ovumayo elanda kabi ngamabomu, aku'ndaba yake umpriste; y'indaba yofuna ukukohlisa uNkulunkulu ongakohliseki!

3. Njengoba umpriste ovumisayo embambele uNkulunkulu, ngaeteta icala ngomteto ka'Nkulunkulu, ai ngowake, ai ngowovumayo, ai ngomteto wabantu abamnyama. Angiti nenduna yenkosi yomuntu ingateta nje ngomteto wenkosi yakubo, nenduna ka'Hulumene ingateta nje ngoka'Hulumene?

849. Ukulanda indaba yezono, *kuswelekile* ukuba ovumayo alande eya'zipi na?

Ukulanda indaba yezono, *kuswelekile* ukuba ovumayo alande eyezibubisayo zonke az'enzile selo wabatshatizwa kumbe selo wagcina ukuvuma.

Numbers 843, 582, 720, 766-768. E! Noma sisinye nje isono esibubisayo, umuntu angafuni ukulungisa indaba yaso, noma ngoba engasidabukeli, noma ngoba engena'sibomu sokusiyeka, noma *ngoba engasivumi, esifihla,* angexoliselwe uNkulunkulu, katetelekeli; at'uma etetelelwa noko umpriste amkohlisile, 'onakalelwe isakramente, azixabelele.

850. Kuhle ukuba ovumayo alande-ni futi na?

Kuhle ukuba ovumayo alande nezono ezingcono, ikakulu az'enze 'azi ukuti yizo.

851. Njengaloku kuswelekile ukuba umuntu alande indaba yezono zake, kuswelekile ukuba aqale 'enze-ni na?

Njengaloku kuswelekile ukuba umuntu alande indaba yezono zake, kuswelekile ukuba aqale atitinye njengamandhla angaba nawo.

1. Uma induna imelwe ukuyisa icala lika'Banibani enkosini yakubo, iyaqala ilititinye, yikona izaukwazi ukulandisa kahle inkosi ukuti liti-ni. E! Nomuntu omelwe ukuyisa elake icala enKosini uNkulunkulu, enkantolo yayo belu, uyaqala azititinyele lona, yikona ezaulandisa kahle umteti wecala, umpriste pela ovumisayo.

2. Njengaloko ngokwetu singez'enzele 'luto olusebenzela ukupila kwetu oku'luhlobo lwobuNkulunkulu, singaqala ngokucela amandhla, ikakulu ku'Moya ocw. Nank' umtandazwana waloku:

Zana, 'Moya ocwebileyo,
Ngikanyisele, ngize ngikumbule, ngibone izono zami,
Hlaba inhliziyo yami, ize izisole ngazo impela,
Yivuse yona, ize iti, kaisafun' ukwona nakanjani,
Ngimise isibindi, ngize ngivume konke kahle.

3. Ngasititinya njengamandhla esingaba nawo. Pela, uNkulunkulu katshayanga 'mteto wokuti, as'enze okutand' ukus'ahlula. Into nje kodwa ayifunayo kitin' abantwana babantu, kuy'isineke sona leso esingaba naso, la sisuka s'enza into enkulu kitina. Ukutatazela akufuneki, njengoba nokutatela pezulu nje kungafuneki nako. Pela, umuntu ojwayele ukutitinya izono imihla ngemihla engakalali, nongahlali isikati esiy'isikati engavumi, kasweli isikati eside ukuze atitinyele ukuvuma, loku izono zis'obala kuye, ikakulu uma kukona ezibubisayo az'enzile.

4. Zimbili izindhlela zokutitinya izono:—

(a) Singakumbula ukuti s'ona yini ngokucabanga, ngokufisa, ngokukuluma, ngokwenza, ngokuputa, *njengoba sasipi:*— ekaya, emfuleni, ekwaluseni, emasimini, ehlatini; emizini, endhleleni, evinkilini, sihambele; esontweni; esikoleni; emsebenzini, napi napi.

(b) Singatata *umteto ngomteto* ka'Nkulunkulu nowe-Bandhla, nênhlobo ngênhlobo zezono (*numbers* 690, 692-694), si-kumbule ukuti s'onile yini, nokuti s'one kanjani.

852. Kuswelekile ukuba, ukutitinya kwetu, sizame uku-kumbula nani na?

Kuswelekile ukuba, ukutitinya kwetu, sizame ukukumbula nokuswelekile ukuba indaba yezono icazeke, umpriste angaze waswela ukubuza njalo.

1. Nganxanye akufuneki nakanye ukuba ovumayo alande izindekazi, kuhle azwakale ngamafupi, *atsho uhlobo lwesono no-kungasweleka ukuba sicazeke,* kube kupela.

2. Nganxanye akufuneki ukuba umuntu afike, ati: "ukuputa imikuleko, ukuputa ukuya esontweni, ukudakwa, ukucabanga okubi, ukweqa umteto wesi6 . . ." Into yokuqala, la umuntu es'evuma, ezimangalela pela, akutand' ukuba ati: «**Ukwenza** ukuti nokwenza ukuti», kuze kungati ulanda indaba yomunye umuntu; kutand' ukuba ati: «**Ng**'enza ukuti, **ng**'enza ukuti.» Naku kutiwa: «*Olungileyo uye uqobo oqala ukuzimangalela.*» *)

3. Kuswelekile ukuba ekuvumeni kwake azwakalise ukuti, *la kwakuukuti, isono was'enza na.* Ngako-ke:—

(a) La walingwa *ngomcabango noma ngesifiso esisole-kayo,* akatitinye ukuti wakuvumela, wakujabulela, wazilibazisa ngako yini *es'ekumbulile* ukuti ang'enza isono esibubisayo ngako, na? (*Numbers* 672-673, 556, 578-580, 607, 634, 650.) Nalapo es'e-landisa umpriste, atsho-ke, ati: «Ngavumela, ngajabulela umca-bango wokuti, isifiso sokuti; «ngazilibazisa ngokuti»; kumbe ati: «Ang'azi noma ngavumela yini umcabango noma isifiso sokuti». Aike, la etand' ukwazisa umpriste ovumisayo ukuti ulingwa ngazip' izinhlobo (ngoba eswel' ukululekwa noma ngani), akati: «Ngalingwa ukuti, kodwa ngakwahlula, kumbe: kodwa ngazam' ukukwahlula .

(b) La walingwa *ngokuzwa ngêndhlebe,* ngaetitinya ukuti, wakuvumela yini okwakukulunywa na? waza wabonisa nabanye ukuti uyabavumela na?

(c) La walingwa *ngokubona ngamehlo, ngokupata nge-zandhla,* ngaetitinya ukuti, w'enza ngamabomu na? 'enziswa inhliziyo yokubi na? 'enzel' ukukolisa yona na?

(d) La *waputa* ukwenza ukuti, ngaetitinya ukuti, waputa ngelake icala na?

(e) La *w'enza* ukuti, ngaetitinya ukuti, w'enza 'azi na, ekumbulile na ukuti kuy'isono uma 'enza loko 'kuti?

*) Ag. 18,17.

4. Njengaloku kuswelekile ukuba ekuvumeni kuzwakale *okwahlukanisa isono nesono,* kus'obala ukuti, nokutitinya, ngakutitinywa kona loku. Kanjalo:—

Ukuyelwa amaqaba esangomeni kuy'isono emtetweni wokul ka'Nkulunkulu; kodwa kungaba isikubekiso sangas'ese nje. Ukuziyela esangomeni, nako kuy'isono kuwona lowo 'mteto, kodwa kungaba isikubekiso esis'obala. Ukudakwa ekaya, kung'azi 'muntu, kuy'isono kambe; kodwa ukudakwa, uma kubonakala, kuzwakala ku'bantu, kungaba isikubekiso futi. Ukwona emtetweni wesi6, ukuz'onela kwomuntu eyedwa kukodwa; okwomuntu ongatshadile nonjalo kukodwa; okwomuntu otshadile nongatshadile kukodwa; ukwona nofelwe kungaba kukodwa. E! Kuhle kakulu ukuba umuntu atitinye kahle ikakulu lezi 'zindaba zomteto wesi6, aze afike azizwakalele, aqede yonke indaba, ayiqede ngamafupi, ngoba kunzima ku'mpriste ukuba abuze zona; kukodwa belu ukumsiza ovumayo ngombuzwana, loku umpriste enomteto wokumsiza. Ukwona into yomuntu ngokungakatali nje, kungaba isono; kodwa ukwona into yomuntu ngamabomu impela kukodwa. Aike, kunjalo pela nakwezinye izinhlobo zokwona.

5. Uma kung'umuntu ongasaqalisi nje ukuvuma, akaqale atitinye indaba yokuvuma kwake agcina ngako, ukuti, ukutetelelwa, watetelelwa na, ukugcina inhlaulo, wayigcina na? Pela, kus'obala ukuti, uma efumana konke kulungile, akuswelekile ukuba at'uma es'evuma, aqale ati: «Ngatetelelwa, ngagcina inhlaulo», loku naku kukuhle nje, kungeko 'sono. Kodwa la efumana ukuti akatetelelwanga, lapo-ke kuswelekile ukuba aqale ukuvuma ngokuti: «Ukugcina kwami ukuvuma, angitetelelwanga.»

853. Umuntu ow'ona nabanye, kufuneka yini ukuba, ukutitinya kwake, azame ukukumbula namagama abo na?

Qabo, umuntu ow'ona nabanye, akufuneki nakanci ukuba azame ukukumbula amagama abo, loku kunomteto wokuba kungapatwa 'gama la'muntu ekuvumeni.

1. Akuswelekile ukuba ovumayo 'aziwe ovumisayo, igama lake belu. Uma nga ovumayo etanda ukwaziwa, azisukele-ke yena azihlakaze, ng'eyake indaba. Kodwa umpriste kabuzi 'gama la'muntu.

2. Kunqatshiwe ukuba ovumayo apate igama lomuntu 'one naye, njengoba

3. kunqatshiwe futi ngomteto weBandhla ukuba umpriste ovumisayo abuze igama lonjalo.

4. Ukubuza ukuti ovumayo uy'ini, ukuti belu ung'umuntu otshadile, ongatshadile, nokuti umuntu 'one naye uy'ini, kungasweleka ukuba umpriste abuze kona, loku novumayo, uma evuma kahle, enomteto wokuzitsholo loku (*number* 852,4).

854. Kuswelekile ukuba, ukutitinya kwetu, sititinye nokuti, izono esaz'enza, saz'enza kangaki na?

Yebo, kuswelekile ukuba, ukutitinya kwetu, sititinye ukuti izono *ezibubisayo* esaz'enza, saz'enza kangaki.

1. Nxa umuntu 'ahluleka ukukumbula ukuti isono sokuti was'enza kangaki, akakumbule ukuti: (a) *ngelanga* kungati was'enza kangaki, uma was'enza onke amalanga; (b) *ngesonto* kungati was'enza kangaki, uma s'enzeka pakati kwamasonto onke; (c) *ngenyanga* kungati was'enza kangaki, uma s'enzeka ngezinyanga.

2. Ukusweleka ukuba nezono ezingcono zibalwe, akuswelekile; noko kungakuhle ukubala ez'enziwa kwaziwe ukuti kuyizo.

3. Uma sekuvunywa, makuxwaywe imikuba yezilima, eziyiloku zipindapinda ukuti: «Ng'enza ukuti *kaningi*, ng'enza ukuti *kaningi*,», noma: «Ng'enza ukuti *ngezinye izikati*, ng'enza ukuti *ngezinye izikati*».

III.

Ukudabukela nesibomu.

855. Ozauvuma, at'uma es'ekumbule izono az'enzile, 'enzeni na?

Ozauvuma, at'uma es'ekumbulile izono az'enzile, azidabukele, aqinise isibomu.

Numbers 759-772 emapejini 450-455.

856. Owamukela isakramente lempendukiso, engadabukeli ngamabomu, wenza-ni na?

Owamukela isakramente lempendukiso, engadabukeli ngamabomu, uyazixabelela.

Nang' uJohannes ocw. eti: «*Igazi lika'Jesu 'Kristo, inDodana ka'Nkulunkulu, liyasihlanza zonke izono. Uma besiti asina-'sono, siyazipamba tina, isiminya-ke sibe singeko kitina. La sivuma izono zetu, utembekile Yena, 'enze okufaneleyo, asitetelele-ke izono zetu, asihlanze konke okungalungile.*»*) Kwazis' ukuti umpriste, la esuka etetelela umuntu, uyampatela igazi lenDodana ka'Nkulunkulu, amhlanze ngalo, inhliziyo nompefu-

*) 1. Joh. 1,7-9.

mulo wake. Ke uma umuntu otetelelwa ng'umpriste engalungele ukutetelelwa, ngokuba engadabukeli izono, ngokuba engafuni ukuyeka izono nokuxwaya ingozi yokwona ab'esetetelelwa noko, emkohlisile umpriste, kus'obala ukuti uyazixabelela kabi.

Ukutitinya izono nokuzilandisa kahle umpriste ovumisayo kuswelekile kakade. Kanti *okukulu* okwenziwa *ng'orumayo*, kung'ukudabukela okuyiko.

IV.

Ukuvuma izono ku'mpriste.

857. Umuntu, at'uma es'eyavuma ahlale ekumbula-ni na?

Umuntu atuma es'eyakuvuma ahlale ekumbula ukuti akayi ku'muntu njengoba eng'umuntu, loku eya endlebeni ka'Nkulunkulu, azwakalise kuyo uNkulunkulu akwaziyo kakade.

Kamuko umuntu ot'engumuntu nje, abe nomteto, abe namandhla okungena indaba yomuntu noNkulunkulu. Kepa umpriste, la es'evumisa, akahlalisi okwomuntu, loku ebambele uNkulunkulu ey'indhlebe, umlomo, nesandhla sake.

858. Ahlale ekumbula nokuti-ni na?

Ahlale ekumbula nokuti umpriste ovumisayo unenhliziyo yokulungisela wonke umuntu ofika nenhliziyo yokulungiselwa ku'Nkulunkulu.

1. Esakramenteni lomusa umpriste ovumisayo ubambele uNkulunkulu womusa nomhau, ai owolaka, abe njengendoda ayikomba uJesu eti: «*Iyipi indoda kinina ot'uma inekulu lezimvu, ib'is'ilahlekelwa inye kuzona, ingashiyi amashumi al'itoba ezimvu nexil'itoba, iyofuna elahlekile ize iyitole na? It'ub'iyitole iyibeke emahlombe itokozile: besokuti, uma ifike ekaya, ibize abanyane bayo nabakelwane, iti kubo: "Tokozani kanye nami ngoba ngiyitolile imvu eb'ingilahlekele". Ngiti-ke ke kinina: Kanjalo-ke kuyakujatshulwa ezulwini ngesoni, noma sisinye sodwa esinenhliziyo yokupenduka kujatshulwe kakulu kunabalungileyo aba'mashumi al'itoba nabal'itoba abangaswele ukupenduka.*"*)

2. Umpriste ovumisayo umbambele umPriste wetu omkulu uJesu Kristo, okutiwa: «*Um'riste omkulu esinaye kasinonyakwaz'ukuhaulwa ubutakataka bwetu; qa, sinowaevivinywa njengati ngako konke, ngapandhle kwesono. Asesizele-ke netemba esihlalweni somusa, yikona siyakuhaukelwa, sifumane umusa, sisizakele-ke kusey'isikati.*"*)

*) Luk 15, 4-7 — *) Heb. 4, 15-16.

Kungaloku-ke uJesu ak'enzanga *izingelosi* abapriste bokulungisela *abantu* ku'Nkulunkulu, qa. watata abantu "abakwaz' ukuhaulwa ubutakataka bwetu: abavivinywe njengati ngako konke", e! bekwaz' ukuvivinywa nangesono.

Ngako-ke umpriste, la ehlezi esihlalweni sokuvumisela kahlaleli ukumangala ngakutshelwa ng'ovmayo noma eleta ndaba-ni ngitsho nenjani. Kahlaleli ukudelela. Into ayihlalele kona, ng'ukulungisela wonke uBani ku'Nkulunkulu, uma kung'ali, kungavimbeli lowo 'Bani.

859. Ahlale ekumbula nokuti-ni?

Ahlale ekumbula futi ukuti umpriste ovumisayo, loku ey'indhlebe nje ka'Nkulunkulu, unomteto oumteto emitetweni, wokuba ngapandhle kwesakramente lempendukiso ang'azi 'luto aluzwile kona.

1. E! Nokubulawa, umpriste angavuma ukubulawa uqobo kunokuba 'azi ahlakaze akuzwile evumisa, njengoba nang'u-Johannes ocw. okutiwa uNepomuk, wat'uma ebuzwa y'inkosi yas'eBohemia ukuti inkosikazi yayo yaivume-ni kuye watshay' ize ukuponswa emfuleni kunokuba ahlakaze nelilodwa izwana aelizwe ey'indhlebe ka'Nkulunkulu. Nas'isimangaliso uNkulunkulu amenzela sona! Kwati isidumbu sake s'embelwa sekuyakupela amakulu a14 eminyaka uKristo azalwa, [i]tuna lavulwa sekupezu kwamakulu a17: ayike, enye inyama yafunyaniswa ingaseko, ibolile pela; kodwa ulimi lwafunyaniswa lunjengolwomuntu osekona.

2. Olalela ngamabomu okukulunywa ovumayo novumisayo, novuma ukutshelwa into enjalo, b'enza isono esikulu impela, es'esabekayo. Abanjalo, nab'esuka b'ezwa okunjalo ngengozi nje, banomteto wokukutula, *wona lowo pela nompriste uqobo anawo.* 'Nalapo indaba enjalo ipatwa ekuvumeni, makungacazwa ukuti kuy'isono sini nokuti esika'Bani.

3. Aike, nomuntu ovumile, kufanele ukuba naye angahlakazi luto olwakulunywa evuma, loku *kuy'indaba yomuntu noNkulunkulu ukupela.* Osuk'ekwenza noko wenza into esoleka nokusoleka' e! nokwona, ang'ona ngako impela. Umuntu kapati-ke 'ndaba yas'esihlalweni sokuvumisela ngapandhle kwaso Into nje uma nga. ngenxa yokufundisa kumbe yokululeka abanye eti: Qa ngendaba yokuti ekuvumeni kwami kwatiwa ukuti , akusoleki.

860. Umuntu at'uma elingwa ukuba afihle isono esibubisayo ekuvumeni kwake, akwahlule ngokukumbula-ni na?

Umuntu, at'uma elingwa ukuba afihle isono esibubisayo ekuvumeni kwake, akwahlule ngokukumbula ukuti kungcono impela ukuba alungiselwe ng'umpriste ngomusa, kunokuba ahlakazwe ngolaka ngolwokugcina.

1. Umpriste munye nje umuntu; futi

2. akatshelwa njengoba eng'umuntu nje, inganti etshelwa nje njengoba ey'indhlebe ka'Nkulunkulu; ngako-ke

3. into atshelwa yona, ey'indhlebe ka'Nkulunkulu, akay'azi njengoba eng'umuntu nje. Ngako-ke ikolwa elisileyo kalina'kupanjwa ici lelo lika'satana, ot'uma esamlinga umuntu, amamuke amahloni njengesela, besokuti uma umuntu efun' ukuvuma, ambuyisele wona, yikona ezakwahluleka ukulungisana noNkulunkulu.

4. Ngako-ke ikolwa elisileyo, noma kusuka kuti-ni, liyabona ukuti kungcono ukuba icala litetwe lapa emhlabeni ngomteto womusa nomhau, kunokuba litetwe kwelipambili ngolaka.

861. La umuntu enaso isibomu sokuya'kushiya ngamabomu isono esibubisayo ekuvumeni, ak'enze njani na?

La umuntu enaso isibomu sokuya'kushiya ngamabomu isono esibubisayo ekuvumeni, ayeke ukuvuma esenaso lesi 'sibomu, funa 'enze isixabelelo esikulu.

Number 849.—E! Kungcono asale esenezono anazo, kunokuba 'elakanyise esokuzixabelela pezu kwas'enazo.

Kona esihlalweni sokuvumisela kwenziwa njani na?

1. Ovumayo at'uma es'ehlahlameliswa umpriste, esaguqa pansi, atshaye isipambano. Umpriste, ukuhlahlamelisa kwake, angati: «Inkosi aibe s'enhliziyweni yako nas'emlonyeni wako, ukuze uvume ngokuyiko zonke izono zako. Amen.» Ovumayo ab'es'eti: «Ngiyavuma ku'Nkulunkulu nakuwe, 'baba, ombambeleyo ukuti ng'enze lezi 'zono. Nginesikati sokuti ngavuma.»

Ati pela: "Nginesonto linye", uma liselinye; kumbe ati: "Nginamasonto aukuti", kumbe: "Nginenyanga", kumbe: "Nginezinyanga eziukuti".—Uma esaqalis' ukuvuma, ati: «Nginesikati sokuti ngabatshatizwa».

2. Ab'es'elanda zonke izono zake njengoba ezikumbulile ngokutitinya kwake. Uma nga exakwa, ngoba ekohliwe ebekade ekufumana esatitinya, noma ngoba eng'azi ukuti okutize angakutsho ngokuti-ni, akatsho ku'mpriste, ati: "'Baba, ngicela, ungisize."

3. Uma es'eqedile ukulanda, ati: «Ngiyapela, 'baba, ngiyakuncenga unginqumele inhlaulo, ungitetelele».

4. La es'elulekwa, akalalele ngokuhlonipa akutshoyo umpriste, angabe esazidida efuna ezinye izono. Uma kukona umpriste akubuzayo, akapendule kahle, atsho akwaziyo. La kukona okuswelekile ukuba kulungiswe (ukuxolelana, ukubuyisa amanga noma into eyebiweyo, nani nani), ang'ali; angaze waxabana nompriste, inganti yena eswel' ukuteta indaba ngomteto ka'Nkulunkulu; kodwa la exakwe ukuti, ukulungisa kwake, ang'enza njani, angacela ukuba alulekwe uye. Nalapo kuzwakala ngakuvumile ukuti unomteto wokuba ayeke axwaye ukuti okuy'ingozi yokwona kuye, noma owokuba avimbele abanye ukwona okutize, akavume akutshoyo umpriste, loku yena 'enzela ukuteteleleka kwake.

5. La es'enqunyelwa inhlaulo (kutiwa mhlaumbe, akatandaze ukuti, noma, 'enze ukuti), akabonge, ati: "'Baba!"

Uma ebona mhlaumbe ukuti inhlaulo anqunyelwa yona itand' ukumahlula (ngoba mhlaumbe akaw'azi umtandazo wokuti), akatsho ku'mpriste. Nalapo nga engayizwanga, akayibuze konalapo.

6. La nga ekumbula *isono esikulu* esimkohlile esavuma, akasitsho *engakatetelelwa*. Uma ekumbula esinjalo qed'ub' atetelelwe, akasitsho engakasuki esihlalweni.

7. Kuti-ke uma umpriste es'esungula imitandazo egcina ngamazwi okutetelela, ovumile akabuye avuse ukudabukela kwake ngomtandazwana osekugcineni kuka'*number* 772.

8. Ab'es'etetelelwa-ke ng'umpriste eti: «Sengiyakutetelela mina izono zako ngegama lika'Yise † benenDodana noMoya ocw. Amen. Njengoba umpriste emtshayela isipambano la eti ngegama lika'Yise † . . . », kufanele ukuba naye umuntu asitshaye lapo.

9. Umpriste ab'es'ebuya amkulekele ukuba inhlaulo azauyigcina itole amandhla ngokuhlangana nokuhlaula kuka'Jesu neBandhla lake lonke.

10. La umuntu es'emuzwa umpriste eti: «Hamba ngobuhle! , noma: «Hamba kahle! noma: «Hamba ngobuhle, ungabe us'ona futi! , noma: «Madunyiswe uJesu 'Kristo , noma eti-ni enjalo, akaqonde ukuti seku ukumuka, amuke-ke esihlalweni.

11. Ab'es'ehlala isikati esitile, abonge enKosini ngokuxotshiswa iyo, ancenge neziCwetshiswa neziNgelosi zimbongele. Ab'es'egcina inhlaulo uma igcineka konalapo. Ab'es'ezikulekela, akulekele nabanye. Naku kutiwa: «*Ababi, inKosi ikude nabo; kepa abahle, ilalela ngomusa imikuleko yabo.*» *) E! Okade evuma kahle muhle enKosini.

12. Uma umuntu es'evumile, makangafani nexoki, qa, ahambe ayokwenza amtembisile uNkulunkulu ukuti uzaukwenza. Abuye

*) Ag. 15, 29.

avuse zonk' izinsuku isibomu owaba naso evuma, azame nokuzama ukusigcina. At'uma 'etuka ewile noko futi, angasali pansi, avukele pezulu konamanje, angahlali ngapandhle kwexotsho elicwebisayo (*number* 765).

862. La umuntu engatetelelwa, 'enze njani na?

La umuntu engatetelelwa, akatobe; futi angazihlakazi; ab'es'ezama ukususa okumvimbela ukutetelelwa.

1. Umpriste ovumisayo ugcina izikundhla ezine:—

(a) Ung'*umteti wecala*. Uma emfumana ovumayo engazisoli ngempela ngezono zake, engena'sibomu sokuziyeka, engafuni ukuxwaya ingozi yokwona, 'ala ukuba alungise okutand' ukulungiswa, uy'ahluleka ukumtetelela. Wahlulwa ubá? Wahlulwa uye umuntu lowo.

(b) Ung'*uyise womuntu ovumayo*. Ke, uyise angamelwa ukwala nokumtetelela umntwana ngelinye ilanga, ngoba ebona ukuti, ukufuna ukulungisa ngempela, umntwana akafuni, kumbe ngoba ebona ukuti, sekuswelekile ukuba aqale amvivinye, aze abone noma eqinisile yini; ab'es'emtetelela, mhla kubonakele ukuti uyalungisa.—Po-ke, uyise womuntu ovumayo, uma sekuswelekile ukuba 'enze njalo naye, 'ahluleke-ke ukumtetelela, wahlulwa ubani konje? Wahlulwa ng'uye ovumayo.

(c) Ung'*umfundisi wovumayo*. Uma-ke emfumanisa eng'azi 'luto ngendaba yokuti, aze abone ukuti, nokufundiseka, akafundiseki, ngoba engavumi imfundiso eyiyo ka'Nkulunkulu neBandhla lake eliy'ingcwele, uy'ahluleka ukumtetelela. Wahlulwa ubá? Wahlulwa ng'uyena lowo ongafundiseki.

(d) Uy'*inyanga yokwelapa umpefumulo wovumayo*. Pela, uma inyanga is'ibona ukuti, akusasizi 'muti, sekuswelekile ukuba asike, ahlinze ngomkonto o'bukali, l'icala lenyanga yini, uma isiguli sesinesifo esinjé na? Kwazis' ukuti nalapa umpriste wahlulwa uyen' umuntu ovumayo.

Kus'obala ukuti ovumayo angeke axabane nompriste ngokuba engamteteleli. Ukumncenga, angazincengela kambe. Kodwa uma umpriste epela ngokuti, uyamsalisela izono, umuntu akatobe. Ab'es'etshetsha alungise okungakalungi, yikona ezauteteleleka mhla ebuya evuma futi.

2. Uma ongatetelelwanga ezihlakaza, ng'eyake indaba. Umpriste kayikumhlakaza.

3. Osuk' engatetelelwa angaya kambe kwomunye umpriste. Kodwa noma eya kwomunye noma ebuyela k'owavuma kuye, kuswelekile ukuba amazise ukuti katetelelwanga ngesisusa sokuti.

863. La umuntu es'evumile, ab'es'ekumbula isono esibubisayo esamkohla, kunjani na?

La umuntu es'evumile, ab'es'ekumbula isono esibubisayo esamkohla, utetelelwe ngokuyiko; kodwa unomteto wokusivuma, la ebuya evuma.

1. "Utetelelwe ngokuyiko", ngoba wat'evuma, wanayo inhliziyo yokuvuma zonke izono, etitinye ngesineke, edabukele zonke izono zake. Kus'obala-ke ukuti bekungeko 'luto olumvimbela ukuxolelana noNkulunkulu nokutetelelwa izono zake zonke.

2. "Unomteto wokusivuma, la ebuya evuma", ngoba, seloku uJesu wamisa umteto wokuti: "Eniyakubatetelela izono . . .", umuntu osenamandhla okusivuma unomteto wokwenza njalo; ati-ke, uma engafuni, angateteleleki. Uma kwenzeka ukuba atole umpriste engak'amukeli ikomunione, akavume futi engakal'amukeli. Uma kung'enzeki (ngoba mhlaumbe bebaningi abavunyiswayo), akal'amukele ang'esabi 'luto. Ab'es'esivuma mhla epinda evuma.

3. Kanti makungaz'enzi 'muntu isilima esipindapindela njalo esihlalweni sokuvumisela ngenxa yezindatshana nje. Y'izono **ezibubisayo** zona zodwa okukulunywa ngazo lapa.

V.

Inhlaulo yovumayo.

864. Ngempendukiso siyekelwa inhlaulo yapakade na?

Yebo, ngempendukiso siyekelwa inhlaulo yapakade, loku sibuyiselwa ngayo ixotsho elicwebisayo uma salilahlekelwa.

865. Nenhlaulo epelayo siyiyekelwa yonke empendukisweni na?

Qa, imvama siyekelwa empendukisweni inxenye nje yenhlaulo epelayo, enye simelwe ukuyikoka lap' emhlabeni, nas'esihlanzweni uma ingapelanga lapa.

1. *Number* 205.—E! Kunjengokutshoyo umHlangano was'e-Trento ukuti: Akuso inhlaulo *yonke* njalo, umuntu ayekelwa yona la etetelelwa icala. *) Nembala uNkulunkulu w'enza njalo kakade; uAdam' noEva, uMoses noAaron, uDavid, wabatetelela izono zabo, wabayekela nenhlaulo yapakade; kepa epelayo yasala. Pela, nas'emacaleni abantu kungaba njalo. Indoda etole icala enkosini yakubo, ebelifanele ukuhlaulwa ngokubulawa, inkosi ingayitetelela icala, iyiyekele nokubulawa; kodwa ingati, indoda leyo aihlaule ngezinkomo zokuti, noma ngokukitshwa esikundhleni ekade inaso, noma ngani.

*) Sess. 14. c. 12.

2. Leyo 'nhlaulo esalayo singayikoka *lapa emhlabeni:*

(a) ngokugcina inhlaulo yas'empendukisweni. Kukokeka ngayo kakulu, ngoba itata amandhla ayo esakramenteni. Kepa izinhlaulo zas'empendukisweni, ezazizinkulu, zinzima endulo, zincane kaloku. Aike, inxenye esasele singayikoka

(b) ngokubekezela ekuhlupekeni kwetu, esihlauliswa ngako uNkulunkulu (*numbers* 98, 462, 464, 465) *nangemisebenzi yonke emihle* esiy'enzayo sinexotsho elicwebisayo [*numbers* 717, 718, 211(2)]. Elinye isu lokuqeda inhlaulo epelayo ng'elokuyikokelwa

(c) ngeziyekelo, njengoba kuzauzwakala konamanje.

866. Uma umuntu ovume isono esibubisayo es'enesibomu sokungayigcini inhlaulo *esavuma,* wenza-ni na?

Uma umuntu ovume isono esibubisayo es'enesibomu sokungayigcini inhlaulo *esavuma*, uyazixabelela, loku etetelelwa umpriste engateteleleki.

Kungcono ukuba atsho ukuti akafuni ukuyigcina inhlaulo, yikona engayikutetelelwa ng'umpriste, ang'enzi-ke isixabelelo.

867. La umuntu engasafuni ukugcina inhlaulo *es'evumile,* wenza-ni na?

La umuntu engasafuni ukugcina inhlaulo *es'evumile,* wenza isono; kodwa isakramente walungelwa yilo.

Walungelwa isakramente, ngobapela wat'uma evuma waba nesibomu sokuyigcina.—Uma ezonweni azivumile kukona esibubisayo, wenza isono esibubisayo la engasafuni ukugcina inhlaulo, ngoba inhlaulo yesono esikulu kuy'indaba enkulu.—Uma es'etand' ukulungisa, usamelwe ukuyigcina, uma isagcineka, njengaloko nowakohlwa ukuyigcina unomteto wokuyigcina qed'ub' akumbule. La nga yon' inhlaulo imkohlile umuntu, akabuyele k'okade evuma kuye, uma kwenzeka; uma kung'enzeki, akatsho mhla ebuya evuma.

VI.

Umuntu avume nini na?

868. Umntwana aqalise nini ukuvuma na?

Umntwana aqalise ukuvuma, la es'ehlakahlakanipile, es'azi pela ukwahlukanisa okuhle nokubi, okuy'isono nokungesiso.

Abampeteyo umntwana os'ebatshatiziwe banomteto wokunakekela ukuba aqale ukufunda ngesikati esiyiso, yikona eyakwaz' ukuvunyiswa, la es'efanelwe ukuqalisa.

869. Umuntu avume nini njalo na?

Umuntu akavame ukuvuma, ikakulu kodwa ang'epuzi ukuvuma la 'enze isono esibubisayo.

UJesu wat'uma esiqambela leli 'sakramente lomusa, w'enzel' ukusisiza ngokusishiya nesu lokutetelelwa izono nokutola amandhla okwahlula ukulingwalingwa kwetu. E! Osuk' elishiya enxenye wenza kabi.—Ot'uma 'enze isono esibubisayo, 'epuze ukuvuma isikati esiy'isikati, angatola isono esibubisayo ngakona loku.

870. Ikolwa litola isono esikulu, uma l'ala ukuba livume la linjani na?

Ikolwa litola isono esikulu, uma l'ala ukuba livume la lipansi kwokufa.

871. Ikolwa litola isono esikulu, uma lingawulondi umteto weBandhla wokuti-ni na?

Ikolwa litola isono esikulu, uma lingawulondi umteto weBandhla wokuti: «Vuma izono zako ku'mpriste ovunyelweyo, okungenani kanye ngonyaka!»

Ikolwa el'aziwa ukuti l'ala nokuvuma nakanye nje ngonyaka, ukufa kwalo, kalilahlwa njengekolwa.

872. Singapinda sivume izono, esesazitetelelwa na?

Yebo, singapinda sivume isono esesazitetelelwa.

Umntwana angabuya amncenge uyise ukuba amtetelele, nakuba waes'emtetelele; nembala uyise abuye amtetelele.—Kungaba kuhle ukuba s'enze njalo ikakulu la sifika nezono ezingcono zodwa, sing'azi noma, ukuzidabukela, sizidabukele ngempela yini; e! kufanele lapo ukuba sipinde isono esidala, es'azi ukuti nanamhla sisazisola ngaso ngempela.

873. Ukuvuma futi izono esesazivuma kungahle kuswelekе na?

Yebo, ukuvuma futi izono esesazivuma kuswelekile, uma sake s'onakalelwa isakramente lempendukiso.

1. Sing'onakalelwa isakramente lempendukiso ngokuba sitetelelwa ng'umpriste la singatetelelekі (a) ngokuba kungeko kitina ukudabukela okuyiko, isibomu esiyiso, inhliziyo yokulungisa okumelwe ukulungiswa; noma (b) ngoba sishiye ngamabomu isono kumbe izono ezibubisayo; noma (c) ngoba singena'sibomu sokugcina inhlaulo.

2. Uma s'onakalelwa isakramente lempendukiso, *kuswelekile* ukuba sitatele lapo saqala kona ukul'onakalelwa, sipinde sivume zonke izono esazivuma, sivume nesazishiya, sivume nezixabelelo

lezo ez'enzeka. "Kuswelekile", loku naku kungatetekanga 'cala la s'onakalelwa isakramente, e! asitetelelwanga 'sono nesisodwa nje.

3. Ngapandhle kwaloku **akuko 'mteto** wokwenza *umvumo omkulu*. Kodwa noko kungaba kuhle ukuba ngenye inkati sipinde sivume zonke izono esaz'enza *seloku sabatshatizwa,* noma *seloku sagcina ukwenza umvumo omkulu.* E! Kus'ekutandeni kwomuntu; kus'ekuboneni kwompriste futi ozaunquma ngokuti, akwenziwe, kumbe, akuyekwe.

Isiyekelo.

Akutatelwe ku'*numbers* 864 & 865.

874. La sisuka siyekelwa inhlaulo yetu ngesiyekelo, inhlaulo aisakokwa 'ndawo na?

La sisuka siyekelwa inhlaulo yetu ngesiyekelo, inhlaulo iyakokwa yona; kodwa kasizikokeli, siyakokelwa.

875. Ukukokelwa kwetu, inhlaulo itatwa-pi na?

Ukukokelwa kwetu, inhlaulo iyatatwa emtapweni oy'ingcwele weBandhla.

Number 359,3.

876. Abanamandhla okusitapela kona, ng'aobani na?

Abanamandhla okusitapela kona, ng'abakulu beBandhla, ikakulu uPapa.

1. Ng'uye uPetrus (uPapa), uJesu owati kuye: "Ngiyakukunika izihlutulelo zombuso wezulu. Oyakukubopa . . ." Ng'uPetrus (uPapa) nabApostole bonke (abaBishopu), uJesu owati kubo: "Eniyakukubopa lapa emhlabeni, noma yikupi, . . ."

2. Umtapo lowo oy'ingcwele ng'owalo iBandhla ovalelwe kulo. Umniniwo ngempela ng'uJesu, inKosi yeBandhla. Kodwa, njengoba inKosi ingazisebenzeli lapa emhlabeni ngokwayo, kuyabonakala ukuti kuy'induna yayo enkulu, uPapa belu, nezinduna zake, abaBishopu pela, ezipete umtapo lowo. Bangasuka-ke batapele kuwo amakolwa. la eswela imali yokukokelwa inhlaulo zawo.

3. Kuyabonakala nangenCwadi ey'ingcwele*) nangemfundiso enikezelweyo ukuti abakulu beBandhla banawo amandhla lawa, nokuti babeyiloku bewasebenzisela wona amakolwa.

AmaProtestante alahlile imfundiso yokuti kukona okunjengesiyekelo eBandhleni lika'Jesu. Kodwa into eng'umdwamba, labo

*) 2. Kor. 2,10.

'bafundisi aedukiswa yibo, babengaqondi neze ukuti isiyekelo siy'ini, indikimba yaso.

877. Umuntu, la etand' ukutatshelwa emtapweni lowo, kuswelekile ukuba abe nani na?

Umuntu, la etand' ukutatshelwa emtapweni lowo, kuswelekile ukuba abe nexotsho elicwebisayo.

1. Kade s'ezwa ukuti umuntu angeke asebenzele ukupila kwake oku'luhlobo lwobuNkulunkulu, uma engesiye owakwake endhlini ngokuba enalo ixotsho elicwebisayo. Kwazis' ukuti apambekile amaProtestante lawo, ati, kuy'*izono* esizitetelelwa ngesiyekelo, lokupela nengane el'iKatolike yazi ukuti, singeke siyekelwe *inhlaulo* singakatetelelwa zon' izono.

2. Uma besitand' ukutola iziyekelo, sisavinjelwe kodwa ngezono esisenazo, ngasizibuyisela ixotsho elicwebisayo noma ngesakramente lempendukiso noma ngokudabukela loko esakutsho ku'*number* 765.

878. Kuswelekile ukuba 'enze-ni futi na?

Kuswelekile ukuba 'enze yonke imisebenzi yokuti, eswelekile ngokutsho kwabakulu beBandhla ukuba kutolakale iziyekelo zokuti.

Imisebenzi leyo i'nhlobonhlobo. Nans' eminye:—ukuvuma izono; ukwamukela ikomunione; ukutandaza imitandazo yokuti, noma kanye, noma ngênsuku zokuti, noma ngenkati yokuti; ukuhambela esontweni; ukuhambela êndaweni ezitize eziy'ingewele, njengas'eJerusalem napi lapo uJesu wahlala, wafundisa, wanqanyulezelwa kona, nas'eRoma lapo kukona amatuna ka'Petrus noPaulus, napi; ukuzila; ukufundisa abantu izindaba zika-'Nkulunkulu, nani nani.

879. Kuswelekile nokuba umuntu abe nani na?

Kuswelekile nokuba umuntu abe nenhliziyo eyiyo yokupenduka ekwoneni, neyokuhlaula nokulungisa izono zake.

880. Iziyekelo zi'nhlobo 'ngaki na?

Iziyekelo zi'nhlobo 'mbili: ezipeleleyo nezingapelele.

1. *Ezipeleleyo* ng'ezokuyekelwa yonke inhlaulo. Otole ngempela isiyekelo esinjalo us'enjengomuntu okade ebatshatizwa.

(a) Imvama kufuneka ukuvuma izono nokwamukela ikomunione ngelanga elitile; kodwa kungavunywa nangel'andulela lona. Uma ngelanga elitile kutolakala iziyekelo ezipeleleyo, ikomunione linye liyaz'anela zona zonke; kodwa eminye imisebenzi, njengokuhambela esontweni nokutandaza imitandazo, ngaipinde-

lwa yileso naleso. Selo kwaba unyaka 1906, lawo 'makolwa al'amukela ikomunione izinsuku zonke, noma nga eputa ngolunye nolunye, angazitola zonke iziyekelo, nezipeleleyo, nakuba engavumi isonto ngesonto.

(b) Imvama kufuneka ukuba kukulekelwe isibomu sika-'Papa. Nasi: ukwanda nokupakama kweBandhla eliy'ingewele, ukupela kwêmfundiso zamanga, ukubuyela kwabacezuke eBandhleni, ukupenduka kwab'onayo, ukuzwana nokusebenzisana kwamakosi akoliweyo, nokupela kwezisusa zonke, iBandhla elingaxakwa yizo. Aike, ukukulekela isibomu lesi, kwanele ukutandaza kahle o"'Baba wetu" nao"E! 'Maria" aba5, kumbe eminye imitandazo engangako loku.

(c) Isiyekelo esipeleleyo es'aziswa kakulu amakolwa, *y'isiyekelo sabafayo*. Sitolakala nje kona ekufeni la umpefumulo us'upuma emzimbeni. Okufunekayo ng'ukuba (1) opansi kwokufa abe nenhliziyo engamkonondeli uNkulunkulu neze ngokuba es'etatwa uye, abe neyokuhlaula futi amacala ake ngokuhlupeka anako es'efa. Kufuneka futi ukuba (2) ati: "'Jesu!", atsho ngomlomo, noma ngenhliziyo nje uma kungas'enzeki ngomlomo.

2. *Ezingapelele* ng'ezokuyekelwa inxenye nje etile yenhlaulo. Ezinye, kutiwa, ng'*ezênsuku* zokuti; ezinye, *ezeminyaka* yokuti; ezinye, *ezênkati zokuzila* zokuti. Aike, loku 'kutsho kukomba izinhlaulo zamakolwa as'endulo. Ngako-ke, la umuntu etola isiyekelo sênsuku ezi'ma40, kwazis' ukuti uyekelwa inhlaulo engangaleyo eyakokwa endulo ngokuhlaula izinsuku ezi'ma40. Uma etola eseminyaka e'si7 nezênkati zokuzila ezi'si7, kwazis' ukuti uyekelwa inhlaulo engang'eyakokwa endulo ng'owahlaula iminyaka e'si7, ezila futi ngaleyo 'minyaka izinsuku ezi'ma40 ngapandhle kwenkati yokuzila yamakolwa onke.—Kus'obala ukuti nalapa kuswelekile ukuba umuntu abe nexotsho eliewebisayo.

3. Umuntu onayo inhliziyo efaneleyo, uma es'enza okulungel' ukumtolisa isiyekelo, angasitola nakuba eng'azi, uma enaso isibomu sokutola zonke angazitola. Ngako-ke kuhle ukuba ikolwa livuse yonke imihla isibomu sokuti: «Ngiyatanda ukutola zonke iziyekelo engingazitola namhla.»

881. Abas'esihlanzweni singabasiza kanjani ngeziyekelo na?

Abas'esihlanzweni singabasiza ngokubazuzela iziyekelo.

Number 368. Imvama yeziyekelo, zinemvumelo yokuba amakolwa azizuzele abas'esihlanzweni. Uma ikolwa selizitolele isiyekelo esipeleleyo ngelanga elitile, zonke ezinye ezipeleleyo zangalelo 'langa ng'ezabas'esihlanzweni njengomteto weBandhla. Zonke

iziyekelo angazitola umuntu owenze "inqaba yotando", ng'ezabas'esihlanzweni.

Nganxanye ikolwa *lingaxwaya ukugaba ngokuti,* litola imihla ngemihla iziyekelo zokuti nezokuti nezokuti-ni. Ukugaba kwalo kwazis' ukuti inhliziyo efaneleyo alinayo, lingaze-ke latola 'siyekelo nesisodwa. Nganxanye *lingaxwaya ukungakataleli iziyekelo,* ngobapela ikolwa elisileyo lingazamela impela ukukokelwa inhlaulo, funa like lihlaule kalukuni ngohlobo (*number* 206). Futi ikolwa eliyilo lihaulwa abas'esihlanzweni; liyabatemba futi, l'azi ukuti abakitshwa kona ngensizo yalo bazaulizamela kakulu, uma sebefike kwa'Nkulunkulu.

5.

Umgcobo wokugcina.

882. Umgcobo wokugcina, kwenziwa njani na?

Umgcobo wokugcina, umpriste ugcoba ofayo ngamafuta ay'ingcwele etsho nemikulekwana.

Kutiwa, ng'"umgcobo *wokugcina*", ngoba ikolwa elil'ikolwa nje liqala ukugcotshwa embapatizweni, beselibuya ligcotshwe emqinisweni, *ligcine-ke* ukugcotshwa, la seligula kakulu. Eling'umpriste ligcotshwa nalapo l'amukeliswa ubupriste; aike, uma umpriste es'amukela elomgcobo wokugcina, izandhla zake zigcotshwa ngapandhle, ngoba zagcotshwa ngapakati esamiswa.

883. S'azi ngani ukuti umgcobo wokugcina ul'isakramente na?

Ukuti umgcobo wokugcina ul'isakramente, siyakwazi ngokutsho kwomApostole uJakob ocwebileyo.

Uti: «*La kukona kinina ofayo, akabize abapriste beBandhla b'eze kuye, bamkulekele bemgcoba ngamafuta ngegama lenKosi, yikona ofayo ezakusindiswa ngomkuleko owenzeka ngokolo alulanyiswe inKosi, nalapo enezono, aziteteleliwe.*»*)

884. Siyakwazi nangani na?

Siyakwazi nangemfundiso enikezelweyo nangokwakuyiloku kwenzeka eBandhleni lika'Jesu.

1. IBandhla eliy'ingcwele lika'Jesu alizange lifundise ukuti ng'uJakob ocw. owamisa leli 'sakramente. Laqonda, lakolwa njalo ukuti yena watsho nje okwakukade kutshiwo uJesu uqobo, mhla walimisa.

---

*) Jak. 5,14-15.

2. *UOrigenes*, owazalwa kwangati ng'unyaka 185 uKristo azalwa, *noJohannes ocw.* okutiwa *uKrisóstomus*, owazalwa kwangati ng'umnyaka 344, bayakuluma ngawo, lapo bepata kona indaba yokuvuma, njengaloko endulo umgcobo wokugcina waulandelana njalo nokuvuma kwomuntu ofayo, ngoba ul'isu belu lokuqedela umsebenzi wempendukiso.[2]) UInnozent I. ocw. (401—417) uti, akutshoyo uJakob ocw. kul'isakramente el'enzeka ngamafuta agonyiwe ng'ababishopu, el'amukelwa amakolwa ang'amakolwa nje naabapriste; uti, "abahlaulayo" bangemukeliswe lona, njengoba b'ahluleka ukwamukeliswa namanye amasakramente.[3])

3. Onke lawo 'mabandhla as'empumalanga, acezuka eBandhleni elikatolike endulo, anawo umgcobo wokugcina, awuvuma onke ukuti ul'isakramente njengamanye amasakramente.

Pela, amaProtestante, at'elahla amanye amasakramente, alahla naleli. ULuther wajivaza inewadi ka'Jakob ocw., ngoba ipete indaba yemisebenzi emihle neyesakramente leli (*number* 379 ekugcineni).

885. Emgcotshweni wokugcina isikombiso esibonakalayo nesizwakalayo, yisipi na?

Emgcotshweni wokugcina isikombiso esibonakalayo nesizwakalayo ng'ukugcoba abafayo ngamafuta ay'ingcwele, nokutsho amazwi atshiwo kusagcotshwa.

1. Amafuta ay'ingcwele "abafayo" agonywa ng'ababishopu (*number* 780,3).

2. Umpriste, es'edweba isipambano ngamafuta ay'ingcwele *emehlweni* (evaliwe), uti: «Ngomgcobo lo oy'ingcwele † nangomhau osuka esiheni sayo esikulukazi, inKosi aikuyekele onke amacala owawatola ngokubona nangokubeka. Amen.» At'uma es'egcoba ezinye izito, apinde wona lawo 'mazwi, aguqule nje elokugcina, *êndhlebeni* ati: «. . . amacala owawatola ngokuzwa», *emakaleni:* «ngokuhogela», *emlonyeni (waliwe):* «ngokuzwa nangokukuluma», *ezandhleni:* ngokupata», *ênyaweni:* «ngokuhamba».

Aike, isakramente namafuta ay'ingcwele nompriste, kokutatu kumelwe ukuhlonitshwa kakulu. Ngako-ke amakolwa ayamgeza umuntu os'ezaugcotshwa, ikakulu lapo kugcotshwa kona.

3. La isikati sokwenza konke singaseko, isakramente liy'enzeka nangokuba kugcotshwa nje ekanda kupela.

4. Aike, ukwelatshwa loku kwomzimba womuntu ofayo *kukomba* ukwelatshwa kwompefumulo. Kuti-ke uba kuhlangane

[1]) Orig. in Lev. hom. 2. Chrys. de Sacerd. 3,6.—[2]) Ep. 25. c. 8.

namazwi, akuse ukukomba njena, *sekuyasetshenzwa* ngempela empefumulweni okukonjwayo.

886. Ixotsho elisetshenzwa ngaleli 'sakramente, yilipi na?

Ixotsho elisetshenzwa ngaleli 'sakramente, ng'ukwandiselwa ixotsho elicwebisayo uma likona, ng'ukubuyiselwa lona uma lingeko, nokutola amaxotsho asizayo.

Kwazis' ukuti, uma kwenzeka kambe, kuswelekile ukuba umuntu osenezono ezibubisayo azivume kuqala, la es'ezautola umgcobo wokugcina. Uma 'ahluleka ukuvuma, angazitetelelwa ngawo umgcobo wokugcina, njengokutsho kuka'Jakob ocw. (*Number* 883). Kus'obala ukuti l'isu lokutetelelwa nezono ezingcono, nawo onke amacala asasele mhlaumbe, engalunganga kwamanye amasakramente, noma kuy'izono noma izinhlaulo ezitize zezono.

887. Amaxotsho asizayo atolakala ngomgcobo wokugcina, ng'amapi kakulu na?

Amaxotsho asizayo atolakala ngomgcobo wokugcina, yilawa kakulu: amandhla okuhamba kahle uma kuukumuka lap' emhlabeni, noma awokusinda futi ngokwomzimba.

1. Yonke indaba yomuntu iyanqumeka ngokuti:—La es'epansi kwokufa, es'ezomuka lapa emhlabeni, ulungile yini na, afike kwelipambili enalo ixotsho elicwebisayo na? Ke, isita esikulu somuntu, usatana pela, naso siy'azi ukuti kunjalo; kungako-ke angasuka ahlasele impela, la sekuyiloko. Nangu-ke umSindisi wetu esishiye nesu lokuputunywa ng'uMoya ocw. ngezandhla nangomlomo wabapriste beBandhla lake eliyilo, sitoliswe amandhla, yikona sizoqinisela size simuke ngempela.

2. Uma uNkulunkulu esuk' ebona ukuti, kungamsiza umuntu emsebenzini wokusindisa umpefumulo wake uma esinda futi nangokwomzimba, angasindiswa ngamandhla aleli 'sakramente: "alulanyiswe y'inKosi". Kodwa akungoba uNkulunkulu es'ezakwenza njalo isimangaliso; qabo, kungoba amandhla esakramente esebenzisana nawomzimba nompefumulo womuntu, uma won' amandhla esekona. Kwazis' ukuti umuntu os'epansi kwokufa, egula impela kakulu, uma enalo itenjana lokuti angasinda noko futi, *angatshetsha* abize, abizelwe umpriste, 'amukeliswe umgcobo wokugcina; ngoba, uma es'epelelwe amandhla, umpefumulo sous'emlonyeni, nesakramente lomgcobo wokugcina lingeke limpilise futi; sekungaba isimangaliso sodwa angasinda ngaso.

3. Kuzwakele-ke ukuti leli 'sakramente lil'isu lokwelatshwa, s'elatshelwe ukupila kwapakade, kumbe nokwalapa nje.

888. Os'ezaul'amukela isakramente lomgcobo wokugcina, 'enze-ni na?

Os'ezaul'amukela isakramente lomgcobo wokugcina, adabukele izono zake, avume ngenhliziyo yonke ukuba kwenzeke as'ekutanda uNkulunkulu.

889. Yibapi abanomteto wokwamukela isakramente lomgcobo wokugcina na?

Abanomteto wokwamukela isakramente lomgcobo wokugcina, yibo bonke asebahlakanipa, uma befa.

Kutiwa asebahlakanipa, ai izingane ezingakahlakanipi, ai izinhlanya.—Kutiwa uma befa —kwazis' ukuti umuntu ongaguli kana'kwamukeliswa leli 'sakramente, nakuba ingozi yokufa ikona (ibuto eliya empini, umuntu os'ezaupanyekwa uHulumeni, nonjani nonjani).—Abafayo banomteto wokwamukela leli 'sakramente; bati-ke uma bengawugcini, batole icala ku'Nkulunkulu.—Umuntu ot'es'egcotshiwe waba ngcono, angabuya agcotshwe uma sona leso 'sifo sibuya simqinisa.—Owagcotshwa ebulawa isifo esitile wabuya wasinda, kus'obala ukuti angabuya agcotshwe, e! umelwe ukugcotshwa futi la es'ebulawa esinye.

6.

Ubupriste.

Indaba yobupriste seyapatwa kaningi kule'ncwadi,*) ikakulu ku'*numbers* 306-312.

Kuzwakele-ke ukuti *umPriste omkulu* wabantu kung'uJesu uKristo, inDodana ka'Nkulunkulu, *umLungiseli os'emkatini* wabantu noNkulunkulu. Kanjalo nabambambeleyo lapa emhlabeni, abaprist'abakulu (ababishopu) nabang'abapriste nje, bang'abalungiseli babantu ku'Nkulunkulu.

Sekw'ezwakala kudala ukuti ababishopu nabapriste beBandhla elikatolike balandelana ngokuyiko nabApostole ababemiswe ng'uJesu uqobo. Kungoba "bamiswa" ngokuyiko, b'amukeliswa pela ngokuyiko ubupriste.

890. Ukwamukelisa ubupriste, kwenziwa njani na?

Ukwamukelisa ubupriste, umuntu osabubutelwa wamukeliswa ng'umbishopu izikundhla zobupriste ezi'si7 ngokulandelana kwazo.

1. Endulo impela kwakuyibona abanumzana ababeng'abapriste futi. Aike, nas'emaqabeni alapa kunjalo, kanti ng'ubupriste

*) *numbers* 172,1; 269, 271, 274-275, 330, 336, 342-345, 348, 350 etc.

bwokulungisela abantu ku'satana (*number* 169,1).—Kwa'Israel uNkulunkulu wamisa umteto ukuba abakwa'Levi babe abokugcina izikundhla zobupriste, bona bonke, bona bodwa (T. d. 41).—ETestamenteni elitsha kuyilabo ababizwa uNkulunkulu, njengoba naku kutsho uPaulus ocw. eti: « *Yilowo nalowo 'mprist'omkulu utatwa ku'bantu, emiselwa abantu abalungisele ku'Nkulunkulu, abonge ngokudhla nangokuhlaba ngenxa yezono, abe ongahaulwa abang'azi 'luto nabadukayo, naye epahliwe ubutakataka; ngenxa yaloku-ke, njengoba kuswelekile ukuba abongele abantu ngenxa yezono, kuswelekile ukuba azibongele naye. Ke, kamuko ozitatela lesi 'sikundhla esidumileyo, ukupela nje obiziwe ng'u-Nkulunkulu, njengoAaron.* »[1])

2. Otemba ukuti angaba umpriste, owesilisa belu, uma evunyiwe abakulu, *uyabutwa* ng'umbishopu (noma inkosi yezindela zas'esigodhlweni esiy'ingcw. esimnyama), abutelwe ubupriste. Ukubutwa loku kutiwa ngesiNgisi *tonsure,* ukugundwa belu, ngoba la umbishopu es'egqokise umuntu onjalo izingubo zabas'emtetweni wobupriste (ingubo ende emnyama,[2]) nemhlope emfutshane,[3]) nesigqoko[4]), uyamgunda izinwedhlana. Aike, aku'sakramente, y'into kodwa ey'ingcwele. Osuk' etshaya, elimaza umuntu onjalo esuswe inhliziyo embi, uyazibandhlulula (*number* 506,3).

3. Amanye amasakramente, la kwamukelwa elitile, liyapelela kona lapo. Elobupriste lipelela nje lonke, lapo osow'amukela izikundhla zabo ezi'si6 'amukeliswa bwona ubupriste uqobo. Nazi izikundhla lezi ezi'si7 zobupriste:—

Esoku1, esezimVali
Esesi2, esabaFundeli
Esesi3, esabaGomi
(abokuyala usatana)
Esesi4, eseziKonzi
} Kutiwa y'izikundhla ezi4 "ezincane".

Esesi5, esabasubdiakone
Esesi6, esabadiakone
Esesi7, esabapriste:
abang'abapriste nje
nabang'abapriste abakulu,
ababishopu
} Kutiwa y'izikundhla ezi3 "ezikulu".

La osabutelwa ubupriste 'amukeliswa isikundhla sabasubdiakone, us'eyazibopa ngesitembiso esiy'ingcwele sokuzihlalela,[5]) nangesokukuleka imihla ngemihla imikuleko yabapriste.[6])

[1]) Heb. 5,1-4.—[2]) NgesiNgisi kutiwa: *cassock.*—[3]) *surplice.*—[4]) *bireta.*—[5]) esobuncasa pela, okutiwa ngesiNgisi *celibacy.*—[6]) okutiwa ngesiNgisi *breviary.*

891. Ebupristeni isikombiso esibonakalayo, esizwakalayo, yisipi na?

Ebupristeni isikombiso esibonakalayo, esizwakalayo, ng'ukwelula nokubeka izandhla pezu kwomiswayo, kusatiwa: «Y'amukela uMoya ocw.», nokumnikela împahla zesikundhla sake, kusatiwa: «Y'amukela amandhla okuti».

Number 270.—Kuyabonakala ukuti ukwamukeliswa ubudiakone nobupriste nobubishopu kuyilo isakramente ngempela. Ukwamukeliswa ezinye izikundhla lezo, kus'obala ukuti oz'amukeliswayo unikwa ngempela amandhla azo, noma nga kungel'isakramente ngempela.

Ukwelula nokubeka izandhla pezu kwomiswayo *kukomba* ukum'ehlisela nokumamukelisa uMoya ocw.; e! kuyakomba okwenziwa empefumulweni wake. Kut'uma kuhlangana namazwi lawo, *kusetshenzwe* ngempela okukonjwayo.

892. Ixotsho elisetshenzwa ngaleli 'sakramente, yilipi na?

Ixotsho elisetshenzwa ngaleli 'sakramente li'nhlobo'mbili: kung'amandhla okuxotshisa abanye nokubalungisela ku'Nkulunkulu; kung'ukwandiselwa ixotsho elicwebisayo nokuxotshiswa insizo.

1. *Abapriste abakulu*, ababishopu, b'amukeliswa amandhla okuxotshisa abanye nokubalungisela ku'Nkulunkulu, noma kuy'ini noma kunjani, noma ngalip' isakramente nesakramentale.—Abang'*abapriste* nje batola amandhla okuxotshisa abanye nokubalungisela ngamasakramente, kunge umqiniso nobupriste, nangamasakramentale, imvama yawo.—*Abadiakone* batola amandhla okubapatiza, nokushumayeza amakolwa, nokupata iSakramente las'elatini.—*Abanye* banikwa amandhla okusiza abapriste enkonzweni yas'elatini nas'ekufundiseni nas'ekwaluseni.

2. Ab'amukela leli 'sakramente b'andiselwa ixotsho elicwebisayo, baxotshiswa nensizo yokugcina kahle isikundhla sabo esinzima, njengoba nang'uPaulus eti ku'Timoth: «*Mus' ukunganaki ixotsho elikuwe, owalixotshiswa ngezwi eliy'ingcwele* (lokuti: Y'amukela uMoya ocw.) *likanye nokubekwa izandhla ng'abapriste.*» *)

893. S'azi ngani ukuti ubupriste bwamiswa ng'uJesu na?

Ukuti ubupriste bwamiswa ng'uJesu, siyakwazi ngowakutsho Yena nangabakwenza, bakutsho abApostole.

1. AbApostole uJesu wab'enza abapriste emudhlweni wokugcina—*numbers* 795 & 797. E! La, wati: «Y'enzani loku,

*) 1. Tim. 4,14.

n'enzele ukungikumbula!», wab'enza abapriste, wabanika wona amandhla amakulu obupriste, awokubonga belu. Wabanika namanye onke, njengoba sekw'ezwakala kwamanye amasakramente—*numbers* 744, 781, 839, 883-884.

2. Ukuti-ke uJesu wabanika amandhla okwamukelisa nabanye ubupriste ngendhlela etile, kubonakala ngabakwenza abApostole okuku'*number* 270. Kuzwakala nangabakutsho abApostole okuku-'*numbers* 270 & 271.

894. S'azi nangani ukuti ubupriste bwamiswa uJesu na?

Siyakwazi nangemfundiso enikezelweyo, nangokwayiloku kufundiswa, kwenziwa yilo iBandhla lika'Nkulunkulu.

Number 275. Aike, kuy'ezwakala nangabakubalile abanye oYise beBandhla [1]), nangezincwadi zemininingwane ey'ingcw. zas'endulo, ezeBandhla elikatolike nezamabandhla lawo acezuka kulo kona endulo.

895. Ubupriste bwamukeliseka kangaki na?

Ubupriste bwamukeliseka kanye nje, ngoba obwamukelayo upaulwa ngabo ngopau olungasuleki nanini.

Ukuti kunjalo kuy'ezwakala ngemfundiso enikezelweyo nangeyeBandhla njalo.

896. Kukona yini emhlabeni isikundhla esikulu, esiy'ingcwele kunesobupriste na?

Qabo, akuko 'sikundhla emhlabeni esikulu, esiy'ingcwele kunesobupriste.

Nang' uJesu eti ku'bApostole bake: *Kangisayikunibiza ngokuti ning' "abantu bami" nje; ngoba ekwenzayo inkosi, umuntu wayo akakwazi. Kepa nina nginibize ngokuti ning' "abangane bami", ngoba konke engikuzwile ku'Baba, ngin'azise kona.* [2]) Kwazis' ukuti yilelo nalelo 'kolwa ling'azisa, lihlonipe abapriste kakulu impela, loku linomteto wokuhlonipa nokwazisa kakulu impela isakramente elikulukazi lobupriste, bwona lobo belu obwenDodana ka'Nkulunkulu (*number* 563). Kwazisa futi ukuti onesibindi sokutinta abapriste, noma ngesandhla noma ngomlomo noma ngani, 'enziswa inhliziyo embi, uyazihlolela umhlola, loku kubaliwe: «*Ningatinti izigcotshwa zami!*» [3])

Site (*number* 890, 1), ukuba umuntu abe umpriste, kuswelekile ukuba ab'ebiziwe ng'uye uNkulunkulu, 'enziwe uye inhliziyo yokuba adele umhlaba nezintokoziso zawo, aze ati, ngokuwapiwa

[1]) Innoc. I. ep. 24. Chrys. de resurr. 8. etc. — [2]) Joh. 15, 15. — [3]) Hlab. 104, 15.

amandhla ng'uNkulunkulu, afunde ngeminyaka emininginingi konke loko okumelwe ukufundwa ng'abayakuba abapriste, azifunele nokulunga nokuqina okufanele ong'umpriste.

Kepa nans' into, akuko 'sizwe esingaveza abapriste abaningi, uma abang'*abazali* kuleso 'sizwe bengaqali bona ukulungisela abantababo indhlela yokutola ubupriste, ngokuba bona beng'amakolwa ayiwo, baze baketise uNkulunkulu enzalweni yabo ongaba isitelo esinqabile, abizwe ng'uYena ukuze abe induna nomngane wake.

7.

Umtshado.

Indaba yomtshado seyapatwa emtetweni wesi6 ka'Nkulunkulu. – Okunye okwabantu abatshadileyo kwakulunywa k'owesi4.

897. Ukutatana kwabantu abangabatshatiziwe kuyiko ukutatana na?

Yebo, ukutatana kwabantu abangabatshatiziwe kuyiko ukutatana, uma umuntu, indoda etatene naye, eng'umfazi ong'uye kuyo.

Numbers 594-596.

1. Kuyabonakala ukuti indoda el'iqaba nomfazi wayo omkulu okutiwa y'"inkosikazi", batatene ngomteto uNkulunkulu owaewumise emparadisweni.

2. Njengaloko lo'mteto ng'oka'Nkulunkulu, indoda el'iqaba nenkosikazi yayo babotshiwe ngawo, kuze kufe indoda noma umfazi. Ngako-ke, uma b'ahlukana, ngoba umfazi eyishiya indoda yake, noma ngoba elahlwa yiyo, noma ngoba inkosi yomuntu noma uHulumeni wavuma nesahlukaniso esacelwa kubona, umteto wokutatana kwabo us'emi, isahlukaniso leso sil'ize ekuboneni kuka'Nkulunkulu. Kwazis' ukuti, uma indoda enjalo noma umfazi onjalo betand' ukukolwa, bangebatshatizwe uma bengena'sibomu esiyiso sokulungisa indaba yokutatana njengomteto ka'Nkulunkulu.

Nganxanye ukutatana kwamaqaba kungaba l'ize, kube ukutatana okungeyiko ekuboneni kuka'Nkulunkulu, uma kwavinjelwa izivimbelo eziyizo emtetweni ka'Nkulunkulu.

3. Inye nje into eng'ahlukanisa abatatene ngokuyiko ngesiqaba. Kuyabonakala ukuti, uma otatene kanjalo nomuntu es'ependukele ekukolweni, abatshatizwe, lowo atatene naye (a) engafuni ukupenduka, (b) engafuni futi ukuhlalisana naye "ngapandhle kwokwona umEnzi wetu", os'ebatshatiziwe ang'ahlukana neqaba,

evulelwe ukutatana nekolwa. Yiko okutiwa y'"imvumelo ka'Paulus ocw.". Nangu eti: *La umzalwane* (ikolwa) *enomfazi ongel'ikolwa, yena-ke* (umfazi) *ati, kuhle kuye ukuhlala naye* (indoda el'ikolwa), *angamlahli. Nalapo umfazi okoliweyo enendoda enge'kolwa, yona-ke iti, kuhle kuyo ukuhlala naye, angayilahli indoda. Ngobapela indoda enge'kolwa icwetshiswe ngomfazi ol'ikolwa, nomfazi onge'kolwa ucwetshiswe ngendoda eyilo; uma bekungenjalo, abantwana benu bebezakuba ng'abangacwebile, inganti beng'abacwebileyo. Kepa uma onge'kolwa emuka, akamuke! Ngobapela umzalwane, noma kuy'indoda noma umfazi, kana'mteto wobuggila, la kunjé; ngoba uNkulunkulu, ukusibiza kwake, usibizele uxolo. Ngoba wazi ngani, wena 'mfazi, noma indoda uyakuyisindisa yini na? kumbe wazi ngani, wena 'ndoda, noma umfazi uyakumsindisa yini na? Ng'ukupela-ke kwokuba, njengaloko inKosi inqumela yilowo nalowo ukuti, njengaloko uNkulunkulu ebize yilowo nalowo embizel' ukuti, ak'enze njalo, 'enze-ke njengaloko ngifundisa ezikolweni zonke.* *)

4. Seloku uJesu, inDodana ka'Nkulunkulu, wabuya wavusa umteto wakuqala, owautshaywe kona emparadisweni, kuyabonakala ukuti, ukuhlala kwendoda nomfazi omncane noma nomfazi emngenile akuso ukutatana ekuboneni kuka'Nkulunkulu. Kwazis' ukuti abanjalo bangebatshatizwe, uma bengena'sibomu esiyiso sokulungisa indaba yokutatana njengomteto ka'Nkulunkulu.

898. Ukutatana kwabantu ababatshatiziwe kuy'ini na?

Ukutatana kwabantu ababatshatiziwe kul'isakramente okutiwa umtshado.

899. S'azi ngani ukuti ukutshada kwamakolwa kul'isakramente na?

Ukuti ukutshada kwamakolwa kul'isakramente, siyakwazi ngokutsho kuka'Paulus ocw., eti: Kul"'isakramente elikulu, yilona ku'Kristo belu nas'eBandhleni".

Number 596,2.—Naku akutshoyo uPaulus ocw.; uti: *Ababafazi ababe pansi kwamadoda, njengoba bepansi kwenKosi, ngoba indoda il'ikanda lomfazi, njengaloko noKristo el'ikanda leBandhla, Yena belu ong'umSindisi womzimba wake* (ol'iBandhla). *Ke, njengaloku iBandhla lipansi kuka'Kristo, kanjalo nababafazi bapansi kwamadoda abo kuko konke. 'Madoda, tandani ababafazi benu, njengoba noKristo watanda iBandhla, wazidela ngenxa yalo ukuze aliewehise, alihlanze ngombhapatizo wamanzi*

*) Kor. 7, 12-17.

ngezwi elipilisayo, yikona-ke ezozihlalukisela iBandhla lilihle hle lingena'sitshitshi na'mbimbi na'nto-ni enjé, libe licwebile pela lingasoleki 'ndawo. Kanjalo-ke namadoda anomteto wokutanda abafazi bawo njengemizimba yawo, ngoba otanda umfazi wake uyazitanda; inganti kamuko owake wazonda inyama yake, qa, angay'ondhla, ayifudumalise, njengoba noKristo el'enza njalo iBandhla, ngobapela siy'izito zomzimba wake, sivele enyameni yake nas'ematanjeni ake. "Ngako-ke umuntu uyakushiya uyise nonina, anamatele ku'mfazi wake, ababili laba-ke babe 'nyama'nye." Leli 'sakramente likulu, ngiti belu yilona ku'Kristo nas'eBandhleni. Ngako-ke nani, yilowo nalowo akatande umkake njengoba ezitanda; umfazi-ke akahlonipe indoda yake!»[1])

900. S'azi nangani ukuti ukutshada kwamakolwa kul'isakramente na?

Siyakwazi nangemfundiso enikezelweyo nangokwakuyiloku kwenziwa eBandhleni.

OYise beBandhla bavam' ukutsho ukuti uKristo, ngokuba waya emtshadweni was'eKana, waeyokomba ukuti uzocwebisa umtshado, axotshise abatshadayo ixotsho ekade lingeko kuwo. *UTertullian,* owazalwa kusel'ikulu lokuqala leminyaka uKristo azalwa, uti, umtshado uy'into ey'ingcwele, y'into umuntu axotshiswa ngayo, eyona it'uma igcinwa eBandhleni, ibongelwe elatini, igonywe, ihlahlameliswe ng'abapriste.[2]) *UAugustin ocw.* uti: «La abesifazana abang'amakolwa betshada, into enkulukazi kubona ng'ubungcwele bwesakramente leli.»[3]) Emabandhleni as'empumalanga, acezuka eBandhleni endulo, umtshado ul'isakramente, kuwo onke.

AmaProtestante, imvama yawo, at'elahla amanye amasakramente, alahla naleli. Kodwa into ekona, nakuba epika ukuti uyilona, amaProtestante abatshatiziwe ngokuyiko ayal'amukela noko, la, ukutatana kwawo, enenhliziyo yokutatana ngempela, neBandhla lingavimbele. Kwenziwa ngoba, la kukona ukutatana okuyiko kwabantu ababatshatiziwe, kwenzeka kona nesakramente lomtshado [*number* 339, 1 (2)].

901. Emtshadweni isikombiso esibonakalayo, esizwakalayo, yisipi na?

Emtshadweni isikombiso esibonakalayo, esizwakalayo, kuyiko ukuvumelana ngokuti sebeyatatana, noma kubonakala ngani, noma kuzwakala ngokuti-ni.

[1]) Ef. 5,22-33.—[2]) Lib. 2. ad ux. c. 8.—[3]) De bono conjug. c. 18. n. 21.

Kanjalo kwelakwiti, ukuhlanganisa izandhla (zas'ekunene) nokutsho ukuti: «Mina 'Bani ngiyakutata wena 'Bani . . .» yiyo into ebonakalayo nezwakalayo. Ukuvumelana loku ngokuti sebeyatatana, ukuvumelana belu ngokuti sebezakuba 'nyama'nye, yiko *okukomba* okwenzeka nas'emipefumulweni yabo, kukomba ukuhlanganiswa kwabo okufanekisa ukuhlangana kwekanda leBandhla, uJesu, nomzimba walo, njengokutsho kuka'Paulus ocw. (*number* 899). Kodwa akuso ukukomba njena, kuyasetshenzwa futi okukonjwayo.

902. Ixotsho elisetshenzwa ngaleli 'sakramente, yilipi na?

Ixotsho elisetshenzwa ngaleli 'sakramente ng'ukwandiselwa ixotsho elicwebisayo nokuxotshiswa insizo.

1. Njengoba abatshadayo bamelwe ukwandiselwa ixotsho elicwebisayo ngesakramente labo, ngabefika nexotsho leli, funa bazixabelele. Ngako-ke bayavuma kuqala, e! kuhle ukuba kwenziwe "umvumo omkulu", la sekuzautshadwa.

2. Baxotshiswa insizo yokuba

(a) bageine kahle okwas'endhlini. Nant' izwi las'enCwadini ey'ingew. liti: *Abat' uma sebetatana, bamvalele uNkulunkulu, angabiko kubona nas'enhliziyweni zabo, baze bakolise inhliziyo yokwomzimba kuhle kwehashi nembongolo, okungena'ngqondo, yilabo, umoya omubi* (usatana) *onamandhla kubona.*[1]) UPaulus ocw. uti: «*Aike, leyo 'ndaba, eningibalele ngayo, ngiti, kuhle ku'muntu, uma engatinti owesifazana* (engatshadi belu)*; kodwa, ngenxa yo*(kuvimbela u)*bufebe, akube yilowo nalowo abe nomfazi wake, yilowo nalowo abe nendoda yake. Indoda-ke aigeinele umfazi umteto was'endhlini; kanjalo nomfazi naye akayigeinele wona indoda. Umfazi kazibuseli umzimba wake, y'indoda ewubusayo. Kanjalo kodwa nendoda kaizibuseli umzimba wayo, ng'umfazi owubusayo. Ning'alelani, ukupela nje, uma nga nivumelene* (ngokuzila) *isikati esitize ngenxa yokunakekela ukukuleka, and'uba-ke nipindele kokwakuqala, funa usatana anilinge ngokuba ningakwaz' ukuzikuza. Ke, njengaloku ngitsho njalo, ng'ukuvumela nje, akuso ukumisa umteto. Ngobapela bengitanda ukuba nonke nibe njengami; kepa-ke yilowo nalowo uxotsha elake ixotsho ku'Nkulunkulu, omunye elokuti omunye elokuti.*«[2]) Kwazis' ukuti ukwalela kungeko 'sisusa esikulu kungaba isono esikulu.—Okunye sekwakulunywa emtetweni wesi6 ka'Nkulunkulu (*numbers* 595-601).—Baxotshiswa nensizo yokuba

(b) bakulise kahle abantwana, babakulisele uNkulunkulu, njengoba sekwatshiwo emtetweni wesi4 ka'Nkulunkulu (*numbers*

[1]) Tob. 6,17.—[2]) 1. Kor. 7, 1-7.

566-570). Kus'obala ukuti abazali abang'amakolwa ayiwo kabana-'kugilela izingane zabo namup' umkuba wobuqaba, noma usoleka emtetweni woku1 ka'Nkulunkulu [*number* 482, 3 (a)], noma k'owesi5 (*number* 575,5). Qa, batshetsha bafunele umntwana umbapatizo (*number* 753). Ke, la es'ebatshatiziwe, bayamhlonipa kakulu (*number* 745); ngako-ke kabana'sibindi sokumgilela umkuba omubi osolekayo emtetweni wesi6 (*numbers* 598,1 & 753,5).

Abazali mabaqonde ukuti yonke ingane, nepuma mhlaumbe kungakabi isikati sayo, kunomteto ukuba ibatshatizwe, uma kubonakala ukuti sekung'umuntu nokuti kus'ezwa.

(c) Kuyabonakala ukuti isakramente lomtshado nako konke, abatshadayo abakwenzelwa iBandhla la sebetshada, kuy'isipetu senhlanhla esingapeli nanini, uma singavinjwa yibo. Ngoba, la seb'amukelisene lon' isakramente lomtshado, umpriste uyawuhlab' inhlanhla umtshado wabo, ab'es'ebabongela elatini. Batike, la sebebongelwe, badhle bapuze inyama negazi elibongile lenDodana ka'Nkulunkulu. Futi, bati besabongelwa, umpriste abuye abacelele inhlanhla yenzalo "ngesihlahlameliso somtshado", esona siy'into enkulukazi emakolweni. Futi, uma becela kuye, angabagomela indhlu abangena kuyo. Kwazis' ukuti yonke inhlanhla, abantu abatshadileyo abangayiswela bayifunelwa, noma kung'okwemipefumulo yabo, noma okwomzimba, noma okwenzalo, noma okwomuzi wabo.

E! Ikolwa eliyilo, njengoba liqonde okukona eBandhleni lika'Nkulunkulu, kalisweli 'mkuba, kalisweli 'muti wobuqaba, la selingena nomuntu walo endhlini; kaliswel' ukufundiswa 'muntu ol'iqaba, kaliswel' ukutatelwa amaxegu nezalukazi okupambene nomteto ka'Nkulunkulu ong'uye.

3. Nant' elinye! Akwaliwe kambe ukuba emtshadweni wamakolwa kube kona umsindo, kutokozwe nangokwomhlaba. Kodwa emakolweni umtimba uyalala. Futi, emakolweni umakoti kana-'kuhlaliswa amantombazana okutiwa ampelekezela, noma amantombazana 'mapi, ngoba, ukulala, amantombazana lawo kalali emtshadweni, alala emakaya. Ukuba amantombazana enikwa imbuzi yawo, kona ngokwako kodwa nje akusoleki. Kepa ukuba le-'mbuzi ihlatshelwa ekuhlatshelwa emaqabeni, nayo yonke imikuba ehlangene nako, kuyasoleka kakulu impela, ngoba okunjé akuna-'kuhaywa nje emakolweni. Futi emakolweni ang'amakolwa akuko 'kudakwa nokubulalana emtimbeni, lokupela kul'usuku oluy'ingewele kakulu kuwo, njengoba abatshadileyo b'amukela ngalo amasakramente amatatu.

903. Abamukelisi baleli 'sakramente, ng'aobani na?

Abamukelisi baleli 'sakramente yibona labo abatshadayo, abat' uma sebevumelana ngokuti sebeyatshada, b'amukelisane isakramente.

1. Lilodwa leli 'sakramente ngokuba kunge umpriste ob'amukelisa lona, kuyibo pela ab'amukelisana lona. Kodwa, njengoba sizauzwa konamanje, kuswelekile ukuba umpriste abatshadise. Futi sesitshilo ukuti ng'uye ot'ebabongela emtshadweni wabo, abahlahlamelisele wona.—Aike, umtshado ung'enzeka kambe nangapandhle kwemissa eliy'ingewele; kodwa into ekona, wonke umtshado ofaneleyo uyabongelwa, uhlahlameliselwa elatini. Nganxanye iBandhla ling'ala nokubongela abangafanelwe yiko, ngoba lingahlaulisa amakolwa alo.

2. Uma abantu, abat'uma beseamaqaba batatana ngokuyiko, bebatshatizwa bobabili, ukutatana kwabo kuguquka isakramente lapo. Futi kungaba kuhle ukuba batole "isihlahlameliso somtshado".

904. Ukuba umtshado wekolwa leBandhla elikatolike ube yiwona, kusweleke-ni na?

Ukuba umtshado wekolwa leBandhla elikatolike ube yiwona, kuswelekile ukuba wenzeke ngomteto walo.

Lo'mteto wavela ngonyaka 1907. Ukuqalis' ukuba namandhla, waqalisa ngepasika 1908. E! Wonk' umtshado wamaKatolike owenzeka ngapandhle kwawo **ul'ize, uy'into engeko.**

Nazi izindaba ezinkulu, njengoba zizwakele esiMemezelweni leso sika'Papa:

1. Abapansi kwalo'mteto, yibo bonke ababatshatizwa eBandhleni elikatolike, noma babuya bahlubuka, noma bahlubukiswa besey'izingane.—Yilabo futi ab'amukelwa eBandhleni elikatolike bevela kwelinye ibandhla, noma babuya bahlubuka kulo futi.

2. Ukuba umtshado wabantu abanjalo ube yiwona, kuswelekile ukuba batshadiswe umpriste opete isikolo, noma umbishopu, noma umpriste ovunyelwe ng'umpriste opete isikolo noma umbishopu. Kufuneka naofakazi ababili. Kuswelekile futi ukuba abatshadayo "babe sebemncengile" umpriste noma umbishopu ukuba abatshadise. Kwazis' ukuti, uma bebemzuma, noma bempoqa ngokumsongela nangani, umtshado awenzeki, ul'ize.

3. Umpriste *onemfanelo* yokutshadisa, yilowo opete isikolo sakubo wowesifazana.

4. Uma kuswelekile ukuba umuntu os'epansi kwokufa alungiselwe indaba yomtshado, angatshadiswa naumupi umpriste, kukona njalo ofakazi ababili, *uma kuxakekiwe,* umpriste wesikolo engabizeki belu.

5. Ezweni, lapo kungatolakali kona umpriste opete isikolo nombishopu nompriste ovunyelwe yibo, kungatshadwa ngokuyiko pambi kwaofakazi ababili, uma sekuy'inyanga kungatolakali 'mpriste nombishopu.

7. Wonke lo'mteto auketi, noma ikolwa leBandhla elikatolike litshada nelinye ikolwa leBandhla elikatolike, noma litshada nekolwa lelinye ibandhla, noma litatana nomuntu ongabatshatiziwe. Aike, yile'miteto yas'esiMemezelweni leso, amakolwa afanele ukuy'azi. Eminye ing'ezwakala ku'bapriste, la kuswelekile.

905. Kuswelekile ukuba amakolwa as'eyakutshada alonde nomteto 'mupi weBandhla na?

Kuswelekile ukuba amakolwa as'eyakutshada alonde nomteto wesi6 weBandhla, owokuti: "Ungatatani nabantu abangavunyelwe nangenkati engavunyelwe!"

Izivimbelo zomtshado zi'nhlobo 'mbili:—

1. *Ezinye,* kut'uma kutshadwa zingasusiwe ngemvumelo yeBandhla, *umtshado ube yiwona kambe, kodwa abatshada kanjé batole isono.* Nazi:—(a) Ukwala kweBandhla, noma l'ala ngoba umtshado aumenyezelwanga, noma ngoba kutand' ukuba kutshadwe nomuntu onge'kolwa lakwiti. (b) Ukutshada ngenkati engavunyelwe; enye iqala ngesonto loku1 leyokuza kwenKosi ipela ngolwokuhlaluka kwayo (olwamakosi ama3), enye iqala ngolwesitatu lwomlota lipela ngesonto elimhlope. (c) Ukutshada, kusahlezi isitembiso esiyiso sokutshada nomunye umuntu. (d) Ukutshada, kusahlezi isitembiso esiy'ingewele sokuzihlalela*) uma kuy'isitembiso "esiy'isitembiso nje".

Aike, noma iBandhla livuma ukuba kutshadwe ngenkati engavunyelwe, akuko 'missa lomtshado, akuko 'sihlahlameliso sawo, akuko 'msindo.

2. *Ezinye,* kut'uma kutshadwa zingasusiwe ngemvumelo yeBandhla, *umtshado ube l'ize.* Nazi ezinye ezinjalo:—(a) Ukutshadiswa, umuntu epoqiwe, 'ahlulwe ngamandhla, yena engavumi nakanye ngokwake. (b) Ukutshada nomuntu osatshadile. (c) Ukutshada nomuntu ozibope ngesitembiso esiy'ingewele sokuzihlalela*) okutiwa ng'"esikulu". (d) Ukutshada nomhlobo oyiwo ngokuzalwa; umhlobo onjalo kung'uyise nonina, uyisemkulu noninakulu, naokoko 'bapi; kung'umntanake, umntanomntanake, naumupi wozalo; kung'owakwabo, owakwenye indhlu, nenzalo yowakwake kuze kube isizukulwane sesi4; kung'uyisekazi, uninalume, uninakazi, nenzalo yabo kuze kube isizukulwane sesi3. (e) Ukutshada kwowesilisa nowakubo wowesifazana, noma ng'umupi, owake waba

*) esobuncasa kumbe esobuncasakazi belu.

indoda kuye, noma kung'owesizukulwane sesi4; ukutshada kwowesifazane nowakubo wowesilisa, noma ng'umupi, owake waba umfazi kuye, noma kung'owesizukulwane sesi4. (f) Ukutshada nomhlobo oyiwo ngokwomoya. (g) Ukutshada kwomuntu nowaetshadile, lowo owaetshade naye bembulele ngozungu.

Aike, ezinye izivimbelo ezinjalo zingasuswa ngemvumelo yeBandhla, ngoba ziyizo ngomteto walo; ezinye kazisuseki, ngoba ziyizo ngoka'Nkulunkulu.

906. Umtshado oyiwo ungake wahlukaniswe yini na?

Umtshado oyiwo, uma abatshadileyo sebaba indoda nomfazi, awahlukaniseki nanini, besekona bobabili.

1. Noma ngomteto waoHulumeni abatize nangowamabandhlabandhla kutiwa, umtshado ung'ahlukaniswa, umtshado auhlukani. Kusiza-ni ukuba abantu baziqambele lapa emhlabeni imitetshwana epambene nomteto ka'Nkulunkulu, inganti umuntu ow'ahlukanisa umtshado wake ngomteto wa'mup' uHulumeni noma ngowa'lip' ibandhla, uyakwahluleka, mhlazane indaba yake is'inqunywa ng'uyena uNkulunkulu, ote: «*Akuhlanganisile uNkulunkulu, umuntu angakwahlukanisi!*»[1]), o'mteto wake us'obala, loku naku kutiwa: «(Abafarisi) *basebeti kuye* (uJesu): '*Po, uMoses waetshayela-ni umteto wokunika* (umfazi) *incwadi yesahlukaniso nokumcita na?*'' *Lapo-ke waes'eti: ''Kungoba uMoses wanivumela ukucita abafazi benu, esuswe ng'ubulukuni bwenhliziyo zenu: kanti ekuqaleni kwakungenjalo. Kepa mina ngiti kinina: Osuk' ecita umfazi wake, kunge ngoba epingile, atate omunye, uyapinga; nosuk' etata ocitiwe, uyapinga.*[2]) Po-ke, la umfazi epingile, indoda ingamlahla, ib'is'itshada nomunye na? Qabo, ukumcita, ingamxotsha kwayo, azihlalele yena, nayo izihlalele. Yile'mfundiso yeBandhla ezwakala ngakutshoyo Yena uJesu, eti: «*Osuk' etata ocitiwe uyapinga*», eti futi ku'bafundi bake, embuzile yona le'ndaba: «*Osuk' ecita umfazi wake, ab'es'etata omunye, uyampingela. Nalapo umfazi ey'ala indoda yake, ab'es'egana enye, uyapinga.*»[3])

2. Njengoba kade kuzwakala, y'into inye eyenzekayo: ngesisusa esinjengokupinga umuntu angacela kwabakulu beBandhla, naku'Hulumeni uma kuswelekile, ukuba avulelwe ukuzihlalela, umtshado kodwa umi, ung'ahlukani besekona bobabili.

907. IBandhla elikatolike livimbela-ni amakolwa alo ukutshada nabelinye ibandhla na?

IBandhla elikatolike liyawavimbela amakolwa alo ukutshada

[1]) Matth. 19, 6.— [2]) Matth. 19, 7-9.— [3]) Mark. 10, 11-12. Luk. 16, 18.

nabelinye ibandhla, ngoba kungaba ingozi ku'muntu ol'iKatolike nas'enzalweni.

Kungaba ingozi, ngoba ol'ikatolike angake alahlekeliswe ukolo oluyilo; noma engalahlekeliswanga lona, angalahliswa inhliziyo yokulugeina.—Kungaba ingozi nangoba owelinye ibandhla engakolwa ukuti umtshado ul'isakramente, angacela-ke isahlukaniso ku'Hulumeni, ab'es'etshada nomunye umuntu, iKatolike lisale sel'ahluleka, loku lingetshade futi esekona elitshade naye.—Kungaba ingozi nangoba owelinye ibandhla angabuyisa izwi lake lokuti, yonke inzalo iyakukuliswa eBandhleni elikatolike; futi, noma yena engalibuyisi, abakubo bangapanga inzalo, bayihlubukise, engaseko yena. Futi, noma engalibuyisi izwi lake lelo, kulukuni ukuba inzalo ikuliswe kahle eBandhleni elikatolike, loku ingane ikohlwa noma kung'umhlola 'muni ukuba uyise atandaze ngokuti, unina atandaze ngokuti; uyise asonte ekutini, unina asonte ekutini.—Kungaba ingozi futi-ke, ngoba ukuzwana nokutandana okuyiko kuvimbelekile, loku indoda nomfazi b'ahlukene ngayo indaba enkulu kuzo zonke, ukolo belu. Futi uyise nonina b'ahlukene nangenye indaba enkulukazi, ngoba kulukuni impela ukuba bakulisele uNkulunkulu inzalo yabo, njengoba b'ahluleka ukusebenzisana kulo'msebenzi.

Kwazis' ukuti umtshado onjé aufanekisi kahle ukuhlangana kwekanda leBandhla, uJesu, nomzimba walo.

908. IBandhla elikatolike lingavulela ixube elinjé labatshadayo, uma owelinye ibandhla l'enza-ni na?

IBandhla elikatolike lingavulela *nje* ixube elinjé labatshadayo, uma owelinye ibandhla evuma okuumteto weBandhla elikatolike.

Kuswelekile ukuba atembise ukuti, (1) kayikuvimbela umuntu wake ukwenza konke okwenziwa l'ikolwa leBandhla elikatolike, nokuti, (2) yonke inzalo iyakubatshatizwa, ikuliswe eBandhleni elikatolike, nokuti, (3) bayakutshadiswa ng'umpriste weBandhla elikatolike, ukupela kwake.

909. Ukutatana kwobatshatiziwe nongabatshatiziwe, la isivimbelo sasuswa l'iBandhla, kungabuya kwahlukaniswe yini na?

Qabo, ukutatana kwobatshatiziwe nongabatshatiziwe, la isivimbelo sasuswa l'iBandhla, kungeke kwahlukaniswe besekona bobabili.

910. IBandhla lingavuma ukuba ikolwa litatane nongabatshatiziwe, na?

IBandhla lingavuma *nje* ukuba ikolwa litatane nongabatshatiziwe, "uma kukona izisusakazi ezikulukazi".

Litsho njalo lon' iBandhla. Nenye into ekona ngomteto walo, imvumelo enjalo ingacelwa nje ku'mbishopu, "uma kuxakekiwe isibili" ukupela, isikati sokucela ku'Papa uqobo singaseko.

911. IBandhla lingavumela ikolwa ukutatana neqaba, uma litembisa ukuti-ni na?

IBandhla lingavumela *nje* ikolwa ukutatana neqaba, uma iqaba litembisa ukuti lizovuma okuumteto weBandhla elikatolike.

"Okuumteto weBandhla" naku:—

1. Uma kuy'indoda el'iqaba, ngaitembisa ukuti kaiyikutata isitembu.

2. Noma kuy'indoda el'iqaba noma umfazi, iqaba ngalitembisa ukuti aliyikuvimbela ikolwa ukwenza okwenziwa ng'amakolwa, nokuti yonke inzalo iyakubatshatizwa, ikuliswe eBandhleni elikatolike.

Pela, kus'obala ukuti, ukuba ukutshada kwekolwa lakwiti nelelinye ibandhla kungaba ingozi enkulu, ukutatana kwekolwa neqaba kungaba yiyona kakulu. Indoda el'iqaba ingamlahla umfazi, itate omunye; umfazi ol'iqaba angay'ala indoda, agane enye. Kepa ikolwa elalahlwa kanjalo lingetshade na'muntu, umuntu walo esekona emhlabeni (*number* 909). Iqaba lingabuyisa izwi lalo, abantwana babe amaqaba. Uma uyise el'iqaba, nakuba yena engalibuyisi, abakubo bangalibulala, bakipe inzalo ekukolweni. Uma kung'unina ol'iqaba, akulise kanjani abantwana abakoliweyo ngomteto ka'Nkulunkulu na? E! Ukutatana okunjé akusafanekisi nakanye ukuhlangana kwekanda leBandhla, uJesu, nomzimba walo.

II.

Amasakramentale.

ukugoma, ukuhlahlamelisa, ukucwebisa kwababishopu nabapriste.

Elokuti "isakramentale" ng'elesiLatini lokuti "sacramentale", eliqondisa "into efana nganxanye nesakramente", ingelona uqobo kodwa.—Indaba yamasakramentale seyapatwa kule'ncwadi.*)

912. La abapriste begoma, behlahlamelisa, becwebisa, basebenzisa amandhla 'mapi na?

*) *Numbers* 309; 345, 3, (b)&(c); 499-505.

La abapriste begoma, behlahlamelisa, becwebisa, basebenzisa amandhla ka'Nkulunkulu naweBandhla lake.

1. Sekw'ezwakala ekugcineni kuka'*number* 172 ukuti ngokusindisa kwayo inDodana ka'Nkulunkulu yasebenzela nomhlaba amandhla okukitshwa futi emandhleni ka'satana (*number* 90). Yiwo-ke eyaiwashiya ku'bApostole bayo (*number* 309). Yiwona lawo apatwa abapriste, la begcina amasakramentale. E! Bay'i-'zandhla nomlomo wayo nakuloku.

2. IBandhla, njengoba liumzimba ka'Kristo (*number* 262,2) linamandhla amakulu ku'Nkulunkulu, la lisuka linxusela izito zalo. Ke, abapriste, la begcina amasakramentale, bay'izandhla nomlomo walo.

3. La amaqaba egoma, ayalwa *nabatakati.* Kanti kul'ize, njengoba kw'ezwakala emtetweni wokul ka'Nkulunkulu. Futi ayatemba ukuti angaleta *inhlanhla* ngemiti, nangokucela emadhlozini. Kanti kw'ezwakala kona lapo ukuti kul'ize leze. Ke, uma abapriste baka'Nkulunkulu begoma, bayalwa *nabatakati abayibo,* usatana belu namademone; kanti bona ab'ahluleki. Nalapo becela *inhlanhla,* bezicelela, becelela nabanye, kab'ahluleki.

913. Kungani ukuba kutiwe, ukugoma nokuhlahlamelisa nokucwebisa kwabapriste kuy'"into efana nganxanye namasakramente" na?

Ukuba kutiwa, ukugoma nokuhlahlamelisa nokucwebisa kwabapriste kuy'"into efana nganxanye namasakramente", kungoba kwenzeka ngezikombiso ezibonakalayo nezizwakalayo.

"Ngezikombiso ezibonakalayo nezizwakalayo" eziti, zikomba ixotsho elitile, zilungele nokusebenza lona. Kanjalo, uma umpriste egoma, ehlahlamelisa umuntu, utshaya isipambano ngesandhla sake; kukomba ukuti lowo 'Bani us'eyaxotshiswa ngamandhla asetshenzwa ng'uJesu esipambanweni. Futi, uma lowo 'Bani exotshiseka ngoba inhliziyo eyiyo unayo, akuso ukukomba kodwa, kuyasetshenzwa ngempela ukuxotshiswa loko.

914. Kungani ukuba ukugoma nokuhlahlamelisa nokucwebisa kwabapriste kutiwe, aku'masakramente, na?

Ukuba ukugoma nokuhlahlamelisa nokucwebisa kwabapriste kutiwa, aku'masakramente, kungoba wona amiswa ng'uJesu uqobo, amasakramentale emiswe l'iBandhla nje.

Lawo 'masu amakulu a'si7 okuxotshiswa, njengoba eqanjwe ng'uJesu uqobo, *ayazisebenzela ngokwawo* umsebenzi wawo *njalo,* uma umuntu engawavimbeli ukuwusebenza.—IBandhla

lapiwa ng'uJesu amandhla okuqamba namanye amasu okwabela amakolwa amandhla atile asetshenzwa uye, yiwona amasakramentale. Kodwa wona *akazisebenzeli ngokwawo odwa* umsebenzi awuqanjelwe; kufuneka ukuba owagcinelwayo, owapatayo abe nenhliziyo efaneleyo (*number* 504), yikona uNkulunkulu eyakuvuma ngempela ukuba umsebenzi wawo wenzeke.

915. Amasakramentale a'nhlobo 'ngaki na?

Amasakramentale a'nhlobo 'mbili: amanye kuy'izinto ezigonyiwe, ezihlahlamelisiwe, ezicwetshisiwe l'iBandhla; amanye ay'enzeka ngokugoma nokuhlahlamelisa bon' abantu.

1. Izinto:—"intelezi ey'ingcwele" okutiwa "amanzi ay'ingcwele" [*number* 503, 4 (b)]; amakandhlela, umlota, amasundu, amafuta ay'ingcwele; izipambano, izimedhlela, imifanekiso, amarosari, izingutshana okutiwa izikapuleli*). Aike, lapa elokuti "isakramentale" lipata kaningana, ngoba abapriste «bagcina isakramentale», la begoma behlahlamelisa into enjalo; yona-ke into es'igonyiwe, ihlahlamelisiwe, kutiwa, «il'isakramentale»; nalapo ikolwa selipata ngempela into enjalo, liyipata ngokufaneleyo belu, «liy'enzeka isakramentale . Kanjalo ikolwa lingazicela ngentelezi ey'ingcw., lingacela ngayo nendhlu yalo nayip' into yalo; abazali bangahlahlamelisa abantababo ngokuba bet'uma bebacela ngayo, babadwebe isipambano ebunzini, beti: «Ngegama lika'Yise † . . .», njengoba kwenziwa emakolweni ayiwo, la abantwana sebezolala, nalapo bevalelisa bezomuka ekaya.

La iBandhla l'etula izinto ku'Nkulunkulu ezizosebenzela inkonzo yake, zibe împahla zake belu, liyazigoma, liyazicwebisa:— izindhlu zamasonto, izinsimbi zakona, amalati, izingubo ezigqokwa abapriste la bebonga elatini, izitsha ezipatwa ekubongeni, amakandhlela, umlilo welampu lapakade, amanzi okubapatiza, amafuta apatwa emasakramenteni; indawo lapo 'embelwa kona amakolwa, nani nani.

2. Abantu:—

(a) Umuntu angamiswa, angagonywa, angahlahlameliswa ng'abapriste, noma kunjani:—epilile, egula; egcinelwa imininingwane ey'ingcwele yas'emasakramenteni; es'ekaya, es'esontweni, es'ezaubamba indhlela, es'ezausungula umsebenzi onengozi, noma kwenza njani.

(b) Umuntu angagonyelwa, angahlahlameliselwa izinto zake:—indhlu, umuzi, impahla enjengênkomo namahashi nani, amasimu, imbeu azauyitshala, izulu nesihlava nani eqeda ukudhla, abantabake agulelwa yibo, impahla agulelwa iyo, nayipi nje into.

*) Yiko okutiwa ngesiNgisi *scapular*, ngesiLatini *scapulare*, okuti ngesiNtu: ingubo elenga ezipangeni (nas'esifubeni).

III.

Ukutandaza nokwenza imisebenzi emihle.

Number 732.

916. Ukutandaza kuy'ini na?

Ukutandaza ng'ukukuluma noNkulunkulu ngenhliziyo, kumbe nangomlomo.

1. Into eswelekile ng'ukuba ukutandaza kuvele enhliziyweni. Uma kungaveli kona, kul'ize, noma umlomo uti-ni.

2. Izisusa zokutandaza yizona lezo ezokubonga (*number* 809,4):—

(a) Ukukulekela nokudumisa uNkulunkulu. Nansi imitandazo edumileyo yalolu 'hlobo: iziHlabelelo eziningi, igama lezinsizwa ezi3 zas'eBabilon (T. d. 91) eliqala ngokuti "Dumisani", elika'Zakarias (T. t. 4) eliqala ngokuti "Benediktus" okung'ukuti "Aidumiseke", elika'Maria (T. t. 3) eliqala ngokuti "Magnifikat" okung'ukuti "Kuyatusisisa". Amanye amagama okudumisa, ajwayelekile eBandhleni, nanka: "Udumo alube ku'Yise . . .", u*Gloria* was'emisseni okung'ukuti "Udumo alube ku'Nkulunkulu kwezipezulu", no*Te Deum* okung'ukuti "Sikutusa, 'Nkulunkulu."

(b) Ukutshweleza. Sikomba nje lapa iziHlabelelo ezi'si7 zokutshweleza neziLilo.

(c) Ukubonga ngenhlanhla nensizo. Naku kutiwa: *"Bongani uNkulunkulu noma kungaba njani, ngoba yiko akutandayo uNkulunkulu njengoba uKristo uJesu etshilo kinina nonke."* [1]) Wat' uJesu uma epulukise abal'i10 ababenoqoko, wasola ukuba waba munye nje owabuyela kuye ezobonga, abanye abal'i9 bengabongi.

(d) Ukuncenga nokucela. Umtandazo oqala ngokuti "'Baba wetu", owaqanjwa uJesu uqobo, ng'owokuncenga kodwa. Uye oti: *"Ncengani, yikona niyaupiwa; funani, yikona niyaufumana; ngqonggozani, yikona niyauvulelwa."* [2])

3. Ukuti kufanele ukuba sitandaze *nangomlomo*, sokw'ezwakala emtetweni woku1 ka'Nkulunkulu (*number* 428). Sing'enza njalo, noma singasodwa, noma sinabanye, noma kus'esontweni noma emakaya. Naku akutshoyo uJesu *ngokutandaza kanyekanye;* uti: *"Ngiti kinina: Uma kuyakuba kona ababili abavumelene ngento etile emhlabeni, noma iyipi, ukuti bangayicela, bayakuyitola ku'Baba os'ezulwini. Ngobapela lapo kuhlangene kona ababili abatatu ngegama lami, nami ngikona lapo pakati kwabo."* [3]) Kungako-ke ezindhlini zamakolwa ayiwo bonke aba-

[1]) 1. Thess. 5, 18.—[2]) Luk. 11, 9.—[3]) Matth. 18, 19-20.

kuyo bayatandaza kanyekanye, la kuvukiwe noma sekuzaulalwa, sekuzaudhliwa noma sekudhliwe, nangengelosi.

Numbers 363 & 364.

917. Njengoba uNkulunkulu ez'azele konke, ukutandaza okunjengokuncenga nokucela kungasweleka yini na?

Yebo, nakuba uNkulunkulu ez'azele konke, ukutandaza okunjengokuncenga nokucela kuswelekile, ngoba uye okufunayo, yikona singasoze sakohlwa ukuti sing'abantu nje.

Ukuti uNkulunkulu akasweli ukukunjuzwa yiti ukuti, naku siswel' ukuti, y'into eumdwamba. Nembala okuninginingi uyazisukela asinike, asipe nje. Kepa okuninginingi futi angaze wasinika singancenganga. E! Kwokuninginingi uyise, unina bangasuka baz'enzele nje, bape umntwana ukuti nokuti, bamsize ngokuti nangokuti. Kwokunye-ke bafun' ukuncengwa, bamsize nje, uma umntanabo es'ezitoba, ebancenga. Po-ke, uNkulunkulu ung'umuntu yini, aze afune ukuncengwa njengomuntu na? Qa, Yena aka'muntu, kodwa yitina esing'abantu, abanomteto wokuzitoba, yikona sokumbula njalo ukuti asizipete.

Kukona abati: UNkulunkulu unqume kakade indaba yokuti, uyakusinika ukuti, asinqabele ukuti; ngako-ke ukumncenga kupambene nengqondo. Bapambekile, ngoba wat'um' enquma leyo 'ndaba, wanqunyiswa ukwazi ukuti siyakumncenga, singamncengi yini.

918. La sitandaza ngenhliziyo eyiyo, singahle sitandazele ilize yini na?

Qabo, la sitandaza ngenhliziyo eyiyo, kasitandazeli ilize nanini, sotola *njalo* okusilungeleyo.

Inhliziyo eyiyo sinayo,

1. uma **sinokutoba.** "*Ukutandaza kwomuntu otobile kudabula amafu* (kufinyelele-ke ezulwini)." [1]) Indaba yomfarisi nomtelisi (T. t. 49).—Sinenhliziyo eyiyo,

2. uma **sinokutemba** okuyiko. Uti uJesu: «*Nyiqinisile, ngiqinisile ngiti kinina: Uma nisuka niccla uto ku'Baba ngegama lami, uzauninika lwona.*» [2]) UJakob ocw. uti: «(Umuntu) *akanceenge esuswa ukolo, engangabazi nakanye; ngoba ongabazayo ufana nedhlambi las'olwandhle elivuswa umoya, libuye lixotshwe. Aike, umuntu onjalo angaboti, angatola uto enKosini.* [3]) —Sinenhliziyo eyiyo,

3. uma **sivuma intando ka'Nkulunkulu,** njengaloko noJesu uqobo wati: «*Kanti makung'enzeki eyami intando, mayenziwe eyako!*» [4])

[1]) Sir. 35, 21.—[2]) Joh. 16,23.—[3]) Jak. 1,6-7.—[4]) Luk. 22,42.

Kukodwa ukutandaza kwamaqaba, kukodwa okwamakolwa. Amaqaba, la engatoli into ayifunayo emadhlozini, ku'satana belu, aya"teta". Amakolwa kana'kuteta, la etandaza. Ngoba ay'azi ukuti ohlakanipile kakulu, owazisisa ukuti iyipi into elungele umuntu nengamlungele, ng'uyena uNkulunkulu; ngako-ke, uma Yena 'ala nento engamlungeli emsebenzini wokusindisa umpefumulo wake, nakuba yena eb'ete ingamlungela, kulungile, akusoleki 'luto. Futi amakolwa ay'azi ukuti uNkulunkulu kadedeli 'muntu abuye-ze, nakuba w'ahluleka ukumnika leyo'nto ab'eyicela ngokung'azi kwake.—Sinenhliziyo eyiyo,

4. uma **siqinisela** ekutandazeni kwetu (T. t. 41).—Sinayo,

5. uma sitandaza **ngenhliziyo ekumbulile.** «*Awoti, la us'uzautandaza, uwulungisele kona umpefumulo wako, ungaze wafana nomuntu olinga uNkulunkulu.*» [1]) UJesu wasola wati: «*Laba 'bantu bayangidumisa ngomlomo, kanti inhliziyo yabo ikude nami.*» [2]) Ondiyaza ngamabomu uy'ona, nakuba kungey'isono esibubisayo. Kodwa ukufikelwa nje ukundiyaza aku'sono, loku nganxanye kung'ukulingwa nje, nganxanye kungobutakataka bwetu. Kuswelekile-ke ukuba *sizame njengamandhla esinawo ukuba singandiyazi.*—Sinenhliziyo eyiyo,

6. uma sitandaza **ngenhlonipo,** s'azi ukuti kuy'into enkulukazi ukuba umuntukazana asuke akulume enKosini yamakosi, uPezukonke, noma sitandaza esontweni, noma ekaya, noma endhleleni, napi napi, njengoba kutiwa: «*Ngiyafuna-ke ukuba amadoda atandaze noma kuyip' indawo, epakamis' izandhla ezingena-'cala, engena'laka nenkani, nokuba abesifazana b'enze njalo nabo, begqoke ezifaneleyo, behlobe ngamahloni bengakangisi, bengahlobile ngokupotapota izinwele noma ngegolide noma ngobuhlalu noma ngêngubo ezingabile, qa, mabafake okufanele abesifazana abalandela umkondo wokulunga ngokwenza imisebenzi emihle.*» [3])—Sinenhliziyo eyiyo,

7. uma **sixolelene noNkulunkulu, sinayo inhliziyo yokuzamela ukulunga napambili.** «*InKosi ikude nabangalungile; kepa abakucelayo abalungileyo, iyavuma nako.*» [4]) «*Siy'azi ukuti uNkulunkulu akavumi nabakucelayo ab'onayo; kepa uma umuntu ekonza uNkulunkulu, 'enza akutandayo Yena, uyamvumela lowo akucelayo.*» [5]) (*Numbers* 717, 765.)

8. La singatoli esikucelile ku'Nkulunkulu, masizibuze, siti:

(a) konje, ukutandaza kwami, ngatandaza ngenhliziyo eyiyo na? Ikakulu,

[1]) Sir. 18,23.—[2]) Matth. 15,8.—[3]) 1. Tim. 2,8-10.—[4]) Ag. 15,29. — [5]) Joh. 9,31.

(b) ngaba nexotsho elicwebisayo na? Ngoba osakonza usatana ngokuba esenesono esibubisayo nangoba esenenhliziyo yokus'enza napambili, angacela kanjani enKosini uNkulunkulu, ingasesiyo eyake, loku ekonze enye enjengosatana? Azibuze futi, ati

(c) konje, ukuqinisela, ngaqinisela na, ngatshetsha ngakatala, ngayeka na?

Aike, uma nga engasoli 'luto kuzo zonke izindawana lezi, akabone ukuti uNkulunkulu mhlaumbe uy'enqaba ngoba ebona ukuti leyo'nto ab'eyicela kaimlungele.

919. Ukutandaza kwetu, singacela nokwomzimba nokwomhlaba na?

Yebo, ukutandaza kwetu, singacela nokwomzimba nokwomhlaba, loku uNkulunkulu epete konke.

Numbers 94, 457, 458, 461-465, 479.

920. Umteto ka'Jesu wokuti "asitandaze sonk' isikati singaze sayeka", singawugcina kanjani na?

Umteto ka'Jesu wokuti "asitandaze sonk' isikati singaze sayeka", singawugcina ngokuba, siti sinexotsho elicwebisayo, sibe *nesibomu esihle* sokwenzela uNkulunkulu konke esisuka sikwenza.

Number 731; 717-721; 765. E! Ukutandaza okunamandhla, yiko ukulunga kwetu.

921. Kuswelekile ukuba sitandaze nini kakulu na?

Kuswelekile ukuba sitandaze kakulu, la silingwa ukuba s'enze isono.

Lindani, nikuleke, funa n'ehlelwe ukulingwa. [1]) Nalapo silingwa, sivivinywa ngokuhlupeka nokuxobiseka, kufanele ukuba sitandaze, siqinise, njengoba kutiwa: *Asivele netemba esihlalweni somusa, yikona siyakuhaukelwa, sifumane umusa, sisizakale-ke ngesikati esiyiso.*» [2])

922. Omkulu umtandazo ng'umupi na?

Omkulu umtandazo yiwo owaqanjwa y'inKosi yetu uJesu 'Kristo, oqala ngokuti "'Baba wetu".

1. *'Baba wetu*:—UNkulunkulu ung'uye ngempela kitina esesabatshatizwa; kwabanye ung'uye ngokulinganisa kambe (710,5). Ng'uBaba "wetu" sonke njengoba kubaliwe ukuti: *«Konje aku'Baba munye yini ong'owetu sonke na? Aku'Nkulunkulu munye yini osidale sonke na?»* [3])

[1]) Matth. 26,41.—[2]) Heb. 4,16.—[3]) Mal. 2,10.

2. *Os'ezulwini* :—lapo ehlezi kona ngobukosi bwake bwonke, nakuba e'ndawo zonke. "Os'ezulwini" lapo etanda ukuba sifike kona sonke; nembala uma sing'abantwana bake, siyakudhla ifa letu lakona.

3. *Malipatwe ngobungewele igama lako* : lipatwe pela ngokufanele Yena uNkulunkulu uqobo, inKosi yamakosi (umteto wesi2 ka'Nkulunkulu).

4. *Umbuso wako maufike*, lowo 'mbuso o'nkosi yawo ing'u-Nkulunkulu; wona lowo okutiwa ng'"umbuso wezulu"; lowo 'mbuso okungenwa kuwo ngombapatizo, kuhlalwa kuwo ngexotsho eliewebisayo.—"Maufike" *kitina*, ngokuba ng'uye uNkulunkulu ohlezi, obusa ênhliziyweni zetu ngexotsho eliewebisayo. "Maufike" kubo bonke abantu, noma bey'ini, noma benjani.

5. *Intando yako mayenziwe emhlabeni njengas'ezulwini*, kwenziwe yibo bonke, kuko konke, *akutandayo Yena uNkulunkulu*, noma kumnandi, noma kulukunyana, noma kulukuni kitina, njengoba ezulwini, lapo kungeko okupambene nekutandayo inKosi, kuyiloku kwenzeka ekutandayo. E! Uma sivuma ngempela akutandayo uNkulunkulu, kasibuzi 'mtakati, kasinuki 'muntu, kasibuli, kasipati 'muti wobuqaba osolekayo. Sibuza into inye nje, intando ka'Nkulunkulu.

6. *Sipe namhla isinkwa setu semihla ngemihla* : esompefumulo (381,3), nesomzimba (94).—"Namhla": kwazis' ukuti ngasipinda lo'mtandazo imihla ngemihla. "Sipe": kwazis' ukuti *konke kuvela ku'Nkulunkulu*. Ngoba noma sisebenza ngamandhla etu, ng'awetu nje ngoba siwapiwe uye; nangoba, noma sisebenza imali, silima amasimu etu, kungeko kuvele 'luto, engavumi, engahlahlamelisi Yena; nangoba, la sisizwa abanye, kuya ngokuba besuswe uye.—"Isinkwa *setu*", kunge es'ebiweyo, esipangiweyo, siesetu, ngoba sisisebenzile ngesitukutuku sobuso bwetu.

7. *Usitetelele izono zetu, njengoba nati sitetelela abas'onayo* (*number* 413).

8. *Ungasidedeli silingwe* ngokulingwa okutand' ukus'ahlula. *Utembekile uNkulunkulu, kayikunidedela nilingwe ngapezu kwamandhla eninawo, qa, uyakwenza ukuba, la kukona ukulingwa, kube kona nokupumelela, ukuze nibe namandhla okuqinisela.**) Kus'obala ukuti siy'ahluleka ukutandaza kanjalo, uma singena'nhliziyo nesibomu sokupata onke amasu okwahlula ukulingwa, okunjengokusebenzisa nokukuza intando yetu, ukuxwaya njalo, ukutandaza, ukupata amasakramente namasakramentale.

*) 1. Kor. 10,13.

9. ‹ *Usisindise k'okubi* ›: k'okubi okuyiko kunako konke okunye: isono esibubisayo; nak'okubi konke nje, okwomzimba nokwomhlaba—ukuhlupeka belu noma yikupi. Ngobapela aku-'madhlozi, aku'batakati, aku'bantu ababi, aku'satana abanamandhla okusitinta, uNkulunkulu engavumi, engabadedeli. Nalapo s'ehlelwe "okubi", ng'uyena uNkulunkulu yedwa okwaz' ukusisindisa, ai amadhlozi, ai izangoma, ai izinyanga ez'elap' umhlola, nani nani.

10. "*Amen*" kuti: "Akube njalo!"

923. Omunye umtandazo, omkulu nawo emakolweni, ng'umupi na?

Omunye umtandazo, omkulu nawo emakolweni, yiwo okutiwa y'"isibingelelo sengelosi", esiqala ngokuti: "E! 'Maria".

1. **Isibingelelo sengelosi:** ‹ *E!* ('Maria) *wena ogcwele ixotsho, inKosi inawe, uhlahlamelisiwe wena esifazaneni.* [1])

"Wena ogcwele ixotsho" noma yilipi. Kungako-ke siti elitanini lake: "'Nina wexotsho eli'luhlobo lwobuNkulunkulu". *Numbers* 136-145.

"InKosi inawe": ngoba uMaria uy'inDodakazi ka'Nkulunkulu uYise, ung'uNina wenDodana ka'Nkulunkulu, ung'uMakoti woMoya ocw.

‹ *Uhlahlamelisiwe wena esifazaneni* ›, ngoba uMaria eng'uye ow'enyulwa kubo bonke, abe uNina womSindisi wetu, uNina ka'Nkulunkulu.

2. **Isibingelelo sika'Elizabeth:** ‹ *Uhlahlamelisiwe wena esifazaneni, ihlahlamelisiwe nenzalo yesisu sako* ›.[2])

Ihlahlamelisiwe nenzalo yesisu sako, uJesu ›: kwazis' ukuti uMaria k'ahlukaniseki noJesu, noJesu k'ahlukaniseki noMaria, noma amaProtestante esuka eti-ni.

3. **Amazwi eBandhla:** «*'Maria ocwebileyo, 'Nina ka'Nkulunkulu, mausikulekele tin' abonayo kaloku nas'esikatini sokufa kwetu. Amen.*»

Nasi isisusa sokumtemba kwetu uMaria: ung'uNina ka'Nkulunkulu. Siti, akasikulekele "kaloku", noma sihlezi kahle, noma sihlezi kabi, noma kunjani. Siti, akasikulekele "esikatini sokufa kwetu", ngoba yiso, eyakunqunywa ngaso indaba yetu yokuti, silungele ezulwini, sifanelwe isihogo yini na. E! Uma sikulekelwa uNina ka'Nkulunkulu ngaleyo 'nkati, singatemba ukuti ingapela ngokuti: silungele ukubekwa ezulwini.

[1]) Luk. 1,28.—[2]) Luk. 1,42.

Okus'encwadini.

epejini

Imitandazo yemihla ngemihla. [3]

Isipambano—'Baba wetu—E! 'Maria—Ukudumisa ubuTatu—Ukudumisa uJesu—Umvumokolo wabApostole—Imiteto el'i10 ka'Nkulunkulu .. .. .. [3]

Imiteto yeBandhla—Amasakramente as'i7—Izindaba ezinkulu ezi'si6, umuntu angesinde engaz'azi—Ukukolwa, ukutemba, ukutanda *ngamafutshane, ngamafupi* .. [4]

Ukukolwa, ukutemba, ukutanda *ngamade* .. [5]

UKonfiteor—Ukuzisola ngezono—Amaxotsho a'si7 oMoya ocw. etc.—Umtandazo wokuvuka .. .. [6]

Ingelosi .. .. [7]

'Nkosikazi yezulu—Imitandazo yas'emva kwemissa .. [8]

Imitandazwana yas'emva kwesiHlahlameliso—Imitandazo yokudhla .. .. [9]

Umtandazo wokulala .. .. .. [10]

Izimfihlo zerosari .. .. .. [11]

Umtandazo wokuzamela abafileyo .. .. [12]

Ukucazwa kwamagama anqunyiweyo ezinewadi zenCwadi ey'ingcw. (iBaibele) .. .. .. [13]-[16]

Ukucazwa kwamanye amagama anqunyiweyo—Ukucazwa kwezibalo zamaRomani—Iziposiso. .. .. [17]

Ukusuka kwendaba 1

Isahluko sokuqala:—umVumokolo wabApostole. 2—215

Isahlukwana soku1 somvumokolo 2—46

I. UNkulunkulu uy'ini, unjani? 2

II. UNkulunkulu munye. Abazimeli bobuNkulunkulu batatu 10

III. UmDali wezulu nomhlaba 18

1. UmDali wezulu—izingelosi 18

2. UmDali womhlaba 24

(a) Ukudalwa kwomuntu 27

(b) Ukwona kuka'Adam noEva 34

(c) Isono sakuqala 36
(d) Ukuhlaula icala lesintu 38
(e) Seloku kw'enzeka isono sakuqala, abantu betenjiswe ukuti bayakusindiswa, indaba ka'Nkulunkulu nabantu iti-ni na? .. 40

Isahlukwana sesi2 nesesi3 somvumokolo 46—78

I. Ukwambulwa ukuti kuyakuvela umSindisi .. 46
II. UJesu uKristo 54
III. UbuNkulunkulu nobuntu bwake 57
IV. UNina womSindisi 67
V. UJosef ocw. 72
VI. Ubuntwana buka'Jesu 73
VII. Ukufundisa, ukumisa iBandhla, ukwenza izimangaliso kuka'Jesu uKristo 76

Isahlukwana sesi4 somvumokolo 79—92

I. Indaba yokw'enzeka ngênsukwana zokugcina es'ezaunqanyulezwa uJesu, waza wanqanyulezwa .. 79
II. UJesu uKristo, umSindisi womhlaba 82
Ukuhlaulelwa kwabantu nokubuyiselwa ixotsho elicwebisayo 82
Ukubonga kwas'endulo nokubonga kwenDodana ka'Nkulunkulu onqamlezweni 83

Isahlukwana sesi5 somvumokolo 93—97

„ sesi6 „ .. 97—99

„ sesi7 „
„ somuvo „ .. 99—119
„ somuvo wesi2 „

I. Ecaleni lomuntu eyedwa 100
II. Icala lomuntu eyedwa selitetiwe 102
1. Izulu 102
2. Isihlanzo 104
3. Isihogo 106
III. Ecaleni labantu bebonke 110
1. Ukufika kuka'Kristo ngosuku lwokugcina .. 110
2. Ukuvuka kwenyama 113
3. Ukutetwa kwamacala abasekona nasebafa .. 115

Isahlukwana sesi8 somvumokolo 119—123

I. Ukwehla kwoMoya ocwebileyo 119
II. UMoya ocw. uy'ini na? 120
III. Imisebenzi yoMoya ocw. 121

Isahlukwana se9 somvumokolo 124—214

I. Ukulungisela iBandhla lika'Kristo 124
1. engakabiko 124
2. es'ekona: 125
a. esafundisa 125
b. ebonga onqamlezweni 131
c. es'evukile kwabafileyo, es'ezaubuyela ezulwini. 133
d. Ukulilungisela iBandhla sokuyapelela. .. 135

II. IBandhla selimisiwe 136
1. AbApostole besekona 136
Umfanekiso weTestamente elidala nelitsha .. 144
2. AbApostole bengaseko, kwaza kwaba iminyaka engatiti idhlula ama200 uKristo azalwa. .. 145

III. Ibandhla lika'Jesu liy'ini na? 149
1. Lil'isu lokusindisa abantu ngoba lil'isu lokubakwezela nokubafundisa isiminya sika'Nkulunkulu. 151
a. AbApostole banikwa isikundhla sokufundisa abantu isiminya sika'Nkulunkulu ngapandhle kwokupambeka 152
a_1. Imfundiso enikezelweyo 157
b_1. Imfundiso ebaliweyo 163
a_2. Ukubaliswa ng'uMoya ocw. .. 166
b_2. Ukucasiselwa kwenCwadi ey'ingcwele .. 168
b. Abalandelana nabApostole banesikundhla sokufundisa ngapandhle kwokupambeka sona leso, abApostole ababenaso. 169
2. IBandhla lil'isu lokusindisa abantu ngoba lil'isu lokubakwezela nokub'amukelisa amandhla okulungiswa nokulunga; 171
3. nangoba lil'isu lokupatela uJesu nokumalusela umhlambi wamakolwa ake. 174
Umfanekiso weBandhla namabandhla .. 176

IV. Iziqamiso zeBandhla lika'Jesu 'Kristo 176

V. Kuwo onke amabandhla akona ati aka'Jesu yilipi iBandhla lake na? 178
1. IBandhla okutiwa "elikatolike" li'nto'nye nelamiswa ng'uJesu uKristo ngoba l'akiwe eTsheni eling'uPetrus nas'esiSekelweni esing'abApostole. 179
a. L'akiwe eTsheni eling'uPetrus. .. 179
b. L'akiwe esiSekelweni esing'abApostole .. 188
2. Linye nelamiswa ng'uJesu ngoba lilinye, li'bunye: 191
a. imfundiso yalo 191

b. ubupriste bwalo nokwamukelisa kwalo abantu amandhla okulungiswa nokulunga .. 193
c. ukupatwa kwalo. 194
3. Linye nelamiswa ng'uJesu ngoba liy'ingcwele. 195
4. Linye nelamiswa ng'uJesu ngoba likatolike. .. 200
VI. IBandhla elikatolike yilo lodwa elil'isu lokusindisa abantu bonke. 202
VII. Ukuhlangana kwabacwebileyo: 204
1. "okwabacwebileyo abas'emhlabeni" bodwa .. 204
2. "okwabacwebileyo abas'emhlabeni" "nabacwebileyo abas'ezulwini" 208
3. "okwabacwebileyo abas'emhlabeni" "nabas'esihlanzweni" 211
Izinkati zomnyaka njengoba zihleliwe l'iBandhla 213
Isahlukwana se10 somvumukolo 215

Isahluko sesibili:—ukuLunga nokwOna. 216—417

1. Izilungo ezidhlula ubuntu 216—234
I. Ukukolwa ku'Nkulunkulu 216
II. Ukutemba ku'Nkulunkulu .. . 221
III. Ukutanda uNkulunkulu, nokutanda umakelwane, nokuzitanda 223
1. Ukutanda uNkulunkulu 224
2. Ukutanda umakelwane 227
3. Ukuzitanda 231

2. Imiteto 234—405

I. Imiteto el'i10 ka'Nkulunkulu 234—397

Umteto woku1 ka'Nkulunkulu 236—300

A. Emtetweni wake woku1 uNkulunkulu *uyasiyala* uti, as'enze-ni na? .. 236
B. *Wala* ukuba s'enze-ni na? .. 238
I. Indaba ka'satana: 238
1. eka'Nkulunkulu nosatana 238
2. eyomuntu nosatana. 240
II. Ubuqaba 243
1. Amadhlozi 244
2. Abatakati 253
3. Abangoma 266
4. Ukwelapa okul'ize 273
a. Ukwelapa umhlola nomnyama 273
(1) Ukuvimbela umhlola, ungak'ehli .. 273

(2) Ukupunga umhlola sowehlile 276
b. Ukwelapa inhliziyo 278
c. Imiti yeze 283
5. Ukukolwa amapupo namabika nani nani enjé .. 284
6. Ukulumba kuka'satana namademone, nokwahlulwa kwako. 287
a. Ukusebenzisana naosatana nomuntu .. 287
b. Ukungenwa nokwenziwa usatana kumbe amademone 288
c. Ukwahlula amandhla ka'satana namademone 290
III. Ukuzixabelela, nesono sika'Simon 298

Umteto wesi2 ka'Nkulunkulu 300—308

I. Ukupata kahle igama lika'Nkulunkulu .. 300
Ukufunga uNkulunkulu 301
Isitembiso esiy'ingcwele 302
II. Ukupata kabi igama lika'Nkulunkulu 303
Ukufunga kabi 306
Ukwapula isitembiso esiy'ingcwele .. . 307

Umteto wesi3 ka'Nkulunkulu 308—317

Izono 311
Inshumayelo 314

Umteto wesi4 ka'Nkulunkulu 318—341

I. Abapetweyo 319
1. Abantwana 319
2. Izisebenzi 325
3. Umpakati wabantu 327
4. Umpakati wamakolwa 329
Ukukipa isicelo seBandhla nabakulu balo .. 330
II. Abapeteyo 336
1. Abazali 336
2. Abaqatshe izisebenzi 340
3. UHulumeni (inkosi) 340

Umteto wesi5 ka'Nkulunkulu 341—353

I. Uy'ala nokubulawa kwomuntu 341
1. Ukubulala umzimba womuntu 341
2. Ukwona umpefumulo womuntu. Isoniso, isikubekiso 346
II. Ukuzibulala 350
1. Ukuzibulala ngokubulala umzimba 350
2. ngokubulala umpefumulo 353

Umteto wesi6 nowe9 ka'Nkulunkulu 353—382

I. Abatatene 355

II. Abangatatene 360
1. Kwenqatshiwe ukuba b'enze-ni na? .. 360
2. Kuvunyiwe ukuba b'enze-ni na? 364
(a) Ukulungisela ukutatana 364
(b) Ukuzihlalela 371
III. Ubumhlope bwenhliziyo 374
Amasu okulondoloza ubumhlope bwenhliziyo .. 376
Ukwesaba okubi okuvela ebufebeni 381
Umteto wesi7 nowe10 ka'Nkulunkulu 382—389
I. Izinhlobo zezono ezipambene nomteto wesi7 nowe10 383
II. Ukulungiswa kwezono ezipambene nowesi7 .. 386
Ukubuyisela into ku'mniniyo 386
III. Ukunika wonk' umuntu okwake, ukung'amuki 'muntu okwake 388
Umteto wesi8 ka'Nkulunkulu 389—397
I. Ukukuluma amanga ecaleni 389
II. Kunges'ecaleni 390
III. Ukwona udumo lwomuntu 392
IV. Ukulungiswa kwezono ezipambene nomteto wesi8 395
V. Ukuzilondela udumo 396
II. Imiteto e'si6 yeBandhla 397—405
Umteto woku1 weBandhla 397
Umteto wesi2 weBandhla 398—405
I. Izinsuku zokuzila 398
II. Izinsuku zokuzila inyama 400
III. Kuleli'zwe njengemvumelo ka'Papa indaba yokuzila iti 401
IV. Ubudala bwabanomteto wokuzila 402
V. Ukuyekelwa umteto wokuzila 403
VI. Kuzilelwa-ni na? 404
Umteto wesi3 weBandhla
Umteto wesi4 weBandhla
Umteto wesi5 weBandhla .. 405
Umteto wesi6 weBandhla
3. Ukwona nokulunga 406—417
I. Ukungalondi imiteto—izono—izixwalo 406
1. Ukwona kuy'ini na? 406
2. Ukwesabeka kwokwona 408
II. Ukulonda imiteto—izilungo ezingadhluli ubuntu .. 412
III. Izinhlobo zezilungo nezono 413
IV. Ukulunga okupeleleyo 415

1. Okwamakolwa onke noma ey'ini 415
2. Okwezetulo zenKosi 416

Isahluko sesitatu: --iXotsho eliy'ingcwele namasu okuxotshiswa. 418—534

1. Ixotsho eliy'ingcwele 419—436
I. Ixotsho elicwebisayo 421
II. Ixotsho elisizayo 433
1. Liy'ini? 433
2. Ukusebenzisana kwomuntu nexotsho .. 435

2. Amasu okuxotshiswa ng'uNkulunkulu 436—534

I. Amasakramente 437—526

1. Umbapatizo 441—457
Owêngane 446
Owasebekulile 448
Ukudabukela ukwona nesibomu sokukuyeka nokukuxwaya 450
Ukutetelelwa izono ngombapatizo 455
Ukwamukela umuntu eBandhleni elikatolike owabatshatizwa ebandhleni elingeyilo 456

2. Umqiniso 458—463

3. ISakramente lokubonga okutiwa: Elas'elatini 464—490
I. Ukubonga kwenDodana ka'Nkulunkulu emudhlweni wokugcina, nokumisa kwayo iSakramente lokubonga 464
II. Uqobo lwesinkwa lupenduka uqobo lwomzimba ka'Jesu. Uqobo lwewaine lupenduka uqobo lwegazi lika'Jesu. 467
III. Ukubonga kwabapriste elatini—imissa .. 470
IV. Ukubonga kwas'elatini kul'isakramente. .. 473
V. Ukudhla nokupuza inyama negazi elibongile lenDodana ka'Nkulunkulu—ikomunione 475
1. Ukulungisela ikomunione ngokwompefumulo .. 478
2. Ngokwomzimba 480
3. Ukwamukela 481
4. Ikomunione al'amukelwe nini? 482
VI. Ukwakelana kuka'Jesu nati 487

4. Impendukiso 490—507
I. Impendukiso iyilo iSakramente 493
II. Ukutitinya nokulanda indaba yezono 494
III. Ukudabukela nesibomu 498

IV. Ukuvuma izono ku'mpriste 499
V. Inhlaulo yovumayo 504
VI. Umuntu avume nini? 505

Isiyekelo 507—510
5. Umgcobo wokugcina 510—513
6. Ubupriste 513—517
7. Umtshado 517—526

II. Amasakramentale,
ukugoma, ukuhlahlamelisa, ukuewebisa kwababishopu nabapriste .. .. 526—528

III. Ukutandaza nokwenza imisebenzi emihle. 529—534



Cornell University Library
arXiv.org

Duquesne University Library
African Collection

DATE DUE

GAYLORD			PRINTED IN U S A

AFRICAN COLLECTION

~~298~~
~~W246~~

Duq

BX1966
Z8
W3X

STACKS BX1966.Z8 W3x
Wanger, Willibald,
Imfundiso yeBandhla elikatolike
3 5282 00367 8425